IMFIHLO YOMNDENI🌼

LETHABO T 🌼

Insert1 🌼

Gabsile🌼

Ngiyintokazi ekhule kahle kakhulu umawami umuntu ozithandela inkonzo nami ngikhulele esontweni. Ubaba ungumuntu oziphuzelayo kodwa uyasinakekela kakhulu akukho esikuswelayo. Kahle kahle umndeni wami unemali eningi ngingasho nje kuthi unjingile. Nginosisi wami engimulamayo uNokubonga kanye nobhuti omdala wokuqala ekhaya uSambulo. Ngiwokugcina mina ekhaya, Ubhuti uneshishini lokugeza izimoto neshisa nyama ezindaweni ezintathu kuhlala kugcwele isimanga lapha uyayenza naye imali ngifundiswa nguyena. Kusukela ngisemncane ubhuti ubehlala anami, nguyena bekahamba imihlangano yasesikolweni nguyena bekangiphelezela masiyodlala ibhola nesinye isikole. Abantu bebehlala bathi ungubaba wami kanti cha uke walahlwa nayintombi yakhe ngoba icabanga ukuthi ngiyingane yakhe.

Namuhla bengigqoka ijazi ekolishi bengenza izifundo zobunjiniyela, nakhona nguyena obengifundisa. Akafuni luthoke ubhuti celeni kwami okungumfana nje, walibeka lagcwala umlomo ukuthi uzomubulala. Nginalo isoka akazi kodwa ngoba sibonana esikoleni yena, kwesinye isikhathi ngiqamba amanga ngithi ngiya eskoleni angiphelezele angishiye esangweni, bese ngiziyela esokeni lami uMduduzi, kanjalo mangibuya uMduduzi uzongishiya eskoleni bese ubhuti uyeza ngesikhathi engimtshele sona. Sisendleleni ebuyela ekhaya manje sekumnyama siyazixoxela kunomsindo nje sikhumbuzana izindaba zakudala. Kushayela ubhuti Sambulo mina ngihlezi phambili abazali bobabili bahlezi ngemuva kanye noNokubonga.

Nokubonga:"Baba anicabangi ukuthi isikhathi sesifikile?"

Baba:"Isikhathi sani nono?"

Indlela ubaba abiza ngayo uNokubonga kodwa akafuni nhlobo nje.

Nokubonga:"Isikhathi sokumtshela iqiniso, usekhulile manje."

Mama:"Awume Nokubonga wena unjalo konje kuthi kujatshuliwe ufike umoshe."

Sambulo:"Ngizozitshelela mina masengifuna ningalokhu nixatshaniswa izindaba zami."

Baba:"UNokubonga uqinsile ndodana noma ayibeka ngokuphapha kepha asikho isikhathi esindlula lesi."

Mina:"Hayibo nikhuluma ngani le mina engingayazi, ubani okumele atshelwe ini futhi?"

Sambulo:"Ungakhathazeki sthandwa sami akusinto okumele uzikhathaze ngayo leyo."

Ngimubheke naye angibheke ubhuti amoyizele

Nokubonga:"Niyabona into eyenza ngikhulume ngalento, niyamuzwa uthini uSambulo."

Mama:"Awume Nokubonga useshilo angithi ukuthi uzozitshelela yena ngesikhathi esikahle."

Useyathetha manje umama uthukuthele futhi, angivamileke mina ukulandelela into engangifuni ngibayeke bathethisana ngizikhiphele ucingo lwami. Belikusilent kudala singishayela isthandwa bandla noma ngingena kuwatsap ungithumelele kusukela ekuseni ajabulile angifisela usuku olumnandi, manje ugcine sekathukuthela. Angifuni ukuphatha kabi isoka lami bantu.

Mina:"Bhuti ngiphathekile."

Sambulo:"Ufuna indlu encane?"

Mina:"Eya."

Sambulo:"Sizoma lapha egaraji iphambidlana nje, uzokwazi ukuzibamba?"

Mina:"Hayibo bhuti ngimudala kangaka kahle ngizokwazi."

Sambulo:"Ungasangibizi ngobhuti manje kunini sengizizwa ngathi ngimdala kakhulu."

Nokubonga:"Mxm."

Mina:"Usheshe wakhalake bhuti sekuzobakhona okubiza ngomalume uzothinike lapho."

Ngizwe ngemoto seyima ikhala namathayela ezilandelayo izimoto zishaye amahutha. Ayicime phakathi nendlela hayibo ubhuti uyahlanya na ngiyazi akasabi lutho, akasabi muntu nguyena osatshwayo kodwa lokho akumningi ilungelo lokuthi eme phakathi nendlela. Angibheke ngeso elibi

Sambulo:"Uthini Gabsile ufuna kungitshela klukuthi ukhulelwe?"

Mina:"Cha bhuti ngiyazincokolela nje angikhulelwanga."

Adonse umoya ayisuse futhi afike ayimise egaraji ngehle uNokubonga angilandele athi uya endlini encane naye. Singene sengibeke ucingo lwami endlebeni ngishayela uMduduzi.

Mduduzi:"Ye."

Makaluphendula kanje ngiyazi usethukuthele.

Mina:"Ngiyaxolisa Mdu benginobhuti usuku lonke namanje ngize ngacela kuya endlini encane ngoba ngifuna kukushayela."

Mdu:"Kanti yini ngalobhuti wakho kepha sthandwa sami."

Mina:"Akafuni ngenze amaphutha."

Mdu:"Usukhulile kodwa manje kumele ayiyeke lento."

Mina:"Ngiyazi sthandwa sami."

Mdu:"Ngisazokubona nje?"

Mina:"Ngeke usangibona sekuhlwile vele ngizothi ngiyaphi."

Mdu:"Ngiyazwisisa sthandwa sami ngiyakuthanda uyezwa."

Mina:"Nami ngiyakuthanda Biyela wami."

UMduduzi uyangichaza akusiye umuntu obamba amagqubu, sixabana manje akupheli nehora esathukuthele uyashesha ukuxola. Ngithuswe ukuvuleka kwempompi ngibheke emuva uNokubonga ugeza izandla zakhe.

Nokubonga:"Unesoka Gabsile?"

Ngibheke phansi

Nokubonga:"Mawuyithanda leyo ngane yabantu kuyokusiza ukuthi uhlukane naye ngoba uzobulawa."

Mina:"Uzobulawelani manje abulawe ubani futhi?"

Nokubonga:"Uzobulawa uSambulo."

Ngihleke nje

Mina:"Sisi wena uyathanda kubheda asambe."

Nokubonga:"Ngiqinsile njalo hlukana nalomfana, asambe."

Masiphuma nje sizithele phezu kwabhuti

Sambulo:"Bengithi sengiyanilanda kunini nihambile."

Nokubonga:"Manje masambe isikhathi eside kumele usikhiphe nasematoilet kahle bo."

Azithulele ubhuti angasho lutho abheke mina akasathukuthelanga manje. Angibambe ngesandla angibheke.

Sambulo:"Ngiyaxolisa mangikuthusile ukuthi ukuzwa indaba yokukhulelwa ngizwe ngithuka phela ngisafuna uzisebenzele ube nemali yakho ingane yokugcina."

Mina:"Akunankinga bhuti, nami ngiyaxolisa mangikudlalise kabi bengizincokolela nje."

Angibheke bese ungibamba ekhanda angibeke esifubeni sakhe. Ubhuti uyathanda ukuhagana futhi makakuhaga akasheshi ukusuka uyayilalela isikhashana nje. Sihambeke sifike sebahlezi bonke emotweni sigibele ayisuse.

Emva kwehora sifike ekhaya ngikhathele into engachazeki. Singene endlini ngiqonde egumbini lami ngiyongena kushawa ngigeze  mangiphuma nangu ubhuti uhlezi embhedeni. Sekwajwayeleka ubhuti uyazingenela egumbini lami akanandaba nobunqunu bami kwakudala. Kangangokuba mangigula uyangisiza noma ngokugeza noma ukugqoka.

Sambulo:"Soqedile gabi gabi?"

Mina:"Uyabonake ngalelo gama lakho. Baphi boma?"

Sambulo:"Sebalele bonke yingakho ngibhorekile nje anginabo ubuthongo ngiyazi wena uzobukela lamamuvi wakho kuze kuse."

Nami ngikhathele namuhla kepha ngeke ngimuswabise ngizozifosta nje. Ngizigcobise  alokhu acinga imuvi kwilaptop yami. Ngigqoke amabhijama ngigibele embhedeni nami silale ngezisu sibukele.

Sambulo:"Nawe wonke lamamuvi akho ezithandani kungani ungathengi action?"

Mina:"Awww ndawo angizwani nezibhamu mina bhuti, ngiyathemba nawe awungenanga nesakho la."

Sambulo:"Indlu yami ngizosiphatha noma kuphi la engithanda khona."

Usho uyazimoyizelela

Mina:"Well igumbi lami leli kukhala esami iscathulo."

Sambulo:"Uthini?"

Mina:"Ungizwile."

Ngiphendula sengifuna kubaleka ngoba ngiyazi uzongikitaza. Angibambe angikitaze ngize ngingasakhoni ukuhleka.

Mina:"Bhuti mana wo wo bhuti ikwakho yonke lendawoke."

Angiyeke angibheke.

Sambulo:"Uziphathe kahle sesi uyezwa."

Mina:"Ngiyezwa bhuti.

Sambulo:"Ithi ngiyolala nami ulale kahle."

Mina:"Hawu bhuti uthe uzobukela amamuvi manje soyahamba awukabuki kwale oyifakile."

Sambulo:"Angibukeli umsuzo mina."

Ngithathe umqamelo ngithi ngiyamushaya ngawo aphume ngokushesha avale umnyango ngishaye umnyango. Ngisale nginikina ikhanda lami....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

LETHABO T 🌼

ISIQEPHU 02 🌼

Ukusa kwabonwa uGabsile wavuka wayogeza ngokushesha phela uhlele ukuyobona isoka lakhe ngesikhathi ubhuti wakhe aya kumashishini wakhe. Uhamba ekuseni abuye ngehora lesine ngaphandle mangabe kukhona okumbambile. Sekakhetha ingubo azoyigqoka kugcwele izimpahla embhedeni zisabalele ulokhu uyashintsha. Kungene uNokubonga avale umnyango abheke lezimpahla ezigcwele umbhede.

Nokubonga:"Uthi uyophinde ukhule nje wena?"

Gabi:"Usho ngani sisi?"

Nokubonga:"Uyowuyeka nini lomkhuba wokugcwalisa izimpahla phezu kombhede kanje, uhlulwa yini kuthatha impahla uhambe."

Gabi:"Hawu kahle sisi ngifuna ukuba muhle."

Nokubonga:"Uyobona uBiyela wakho?"

Avume ngekhanda uGabsile indlela amamatheka ngayo abone nje uNokubonga ukuthi uyamuthanda lomlisa.

Nokubonga:"Awungitshele ngaye ungumuntu onjani?"

Gabi:"Yoooo sisi ave anenhliziyo enhle uzilungele sisi. Umawakhe waze wathi wayekhathazeka ngaye makakhula abona ngathi uzoba yistabane."

Nokubonga:"Usuwazi nomawakhe?"

Gabi:"Eya phela kade sithandana ngazi wonke umndeni wakhe."

Nokubonga:"Nineskhathi esingakanani?"

Gabi:"Kusukela ngifunda ugrade 10."

Amangale uNokubonga

Nokubonga:"Sonke lesikhathi ubufihle kanjani?"

Gabi:"Kanzima sisi kodwa kwasiza ngoba sahlangana yena sekaya ekolishi."

Nokubonga:"Tshela usesike anjani amachips maniwafraya."

Indlela abakhuluma ngayo le yaziwa yibo bobabili. Ahleke uGabsile.

Gabi:"Sisi asikaze siwafraye."

Nokubonga:"Sonke lesikhathi kanti nenzanani cha umawakhe ngathi abeqinsile uyistabane."

Gabi:"Ulinde sishade kuqala, phela uyakholwa uMduduzi."

Nokubonga:"Ohhhh Nkosi ngisindisiwe nami ngiyayiphilela inkosi, ungumzalwane onjalo?"

Gabi:"Eya kodwa akangibhori sisi ngiyamthanda."

Kungene umamNdlovu uyisisebenzi futhi usondelene kakhulu noGabsile. Makaphatheke kabi umamNdlovu kuphela okhonayo ukumduduza. Uyamuthanda uGabsile ngokundlulele futhi, naye makangena amangale lento ayifica embhedeni.

Nokubonga:"Vala umnyango ma."

Awuvale angene netiye bekathi usasengubeni umulethela itiye njengenjwayelo.

MaNdlovu:"Kwenzakalani la?"

Nokubonga:"Buza ma nangu uGabi unesoka."

Athuke umaNdlovu ahluleke nokufihla aze athwale isandla sakhe ekhanda.

MaNdlovu:"Kusukela nini Gabi uSambulo uyazi?"

Gabi:"Kanti kunani ma manginesoka wathuka kangaka?"

Babhekane umaNdlovu noNokubonga

Nokubonga:"Bayathandana ma ngimubone emehlweni."

MaNdlovu:"Ewakuphi lomfana Gabsile?"

Gabi:"Akahlali kulesigodi ma kodwa usebenza ngapha."

Athule umaNdlovu kepha umubona ukuthi akajabulanga. Abeke itiye phansi aphume.

Nokubonga:"Uziphathe kahle Gabi angakubambi uSambulo."

Gabi:"Kwenzakalani kanti?"

Nokubonga:"Mhlawumbe uzobuya sengihambile ngibuyela kwami namuhla."

Gabi:"Uthe uzohlala isonto lonke sisi nje."

Nokubonga:"Umyeni wami uthi akasakhoni uzongilanda."

Asukume amuhage amangale uGabi yize kungumuntu ongazijwayezanga ukunaka izinto ezingamufuni kepha manje uyanaka ukuthi kukhulu okwenzekayo lakubo. Kuvuleke umnyango uSambulo sekagqokile uqedile muhle uyafaneleka. Naye uyazizwa futhi abheke phezu kombhede.

Sambulo:"Manje kwenzakalani benishudashuda umbhede njengezingane na?"

Gabi:"Cha bhuti."

Sambulo:"Uyahamba ngiyazi uyaphi ungangazisanga mina?"

Angazi ukuthi athini uGabsile azimoyizelise abheke phansi.

Nokubonga:"Siya emall Mbulo."

Sambulo:"Nobabili?"

Nokubonga:"Yebo sobabili kunenkinga na?"

Sambulo:"Aningazisanga mina."

Nokubonga:"Kanti kumele waziswe yonke into kahle bo, ngifuna kuchitha isikhathi noGabi ngoba ngiyahamba namuhla ntambama ngibuyela kwami."

Sambulo:'Angagqoki into emfushane futhi ungalinge upepereze ngalomlomo wakho, wena ngiyakwazi."

Nokubonga:"Mxm."

Amufulathele akhethe elinye ilokwe elimhlophe liphezu kwamadolo kahle alinamkhono, amahlombe aba ngaphandle makagqoke lona.

Nokubonga:"Gqoka leli nginalo nami ngizogqoka lona, ngisayogeza."

Akhulume aphume uSambulo ayokuthatha lelokwe aliphakamise. Akaboni okwangezansi nokwangaphezulu ngoba alinamkhono.

Sambulo:"Yini lena?"

Gabi:"Ilokwe bhuti."

Sambulo:"Ligqoke ngibone lingakanani."

Ngempela asuse lethawula azithandele ngalo aligqoke. Amubhekise le

Sambulo:"Cha Gabi cinga okunye labafana bazokubuka indlela yonke. Liyakubamba buka lamahips aphume wonke amahlombe angaphandle."

Gabi:"Bhuti ngifuna lona leni angithi ngizomesha nosisi."

Sambulo:"Ngithe awuligqoki lelokwe noma ungahambike kwanhlobo."

Gabi:"Bhuti kanti kungani ungiphathisa okwengane lakhaya noma sengaziphatha kahle ngaze ngaqeda iskole. Ngikhule ningivalela la endlini ngingakhoni nokuhamba nabontanga bami ngoba nithi bazongifundisa abafana. Azange ngihambe zonke izinto zokuzijabulisa ngisho nezimpahla ezigqokwa abontanga zange ungivumele. Manje ngisiqedile isikole ngisho nekolishi kodwa kuyafana. Kuncono ngizibulale okungenani ngikhathele mina ilejele eningiphilisa kulo."

Sambulo:"Ungakhulumi kanjalo Gabi."

Gabi:"NGIZOZIBULALA BHUTI NGICELA UPHUME EGUMBINI LAMI."

Athuke uSambulo makezwa igama lokuzibulala asondele ngokushesha azame kumuthulisa ngoba sekayakhala. Angavumi kuthi amubambe. Athuke ome uSambulo akakaze amubone uGabi akhala

ngalohlobo. Kucobeka amathambo onke omzimba wakhe ngenxa yobuhlungu bokubona uGabsile akhala kanje.

Sambulo:"Ngiyaxolisa Gabi mina bengithi ngikugadele impilo yakho ungenzi amaphutha azokudukisa. Bengingazi ukuthi uzizwa kanje ngiyakuthanda angifuni ngawe. Ungaligqoka ilokwe lakho sthandwa sami ngicela ungazibulali ngingafa nami."

Amuwolele kuye manje angasalwi amuthulise elokhu emuhagile amuqinise. Ngesikade amuyeke amubambe emahlombe amubheke emehlweni uGabi amangale makabheka ubhuti wakhe emehlweni ngathi bekakhala naye nje.

Gabi:"Uyakhala bhuti?"

Sambulo:"Angifuni ngawe Gabi ngithukile masokhuluma ngokuzibulala. Ngicela uziphathe kahle lapho emall igqoke ingubo yakho, ngiyakuthanda uyezwa."

Amuyeke afulathele sekezwa ubuhlungu uGabsile ngokuvumela ulaka akakaze abone ubhuti wakhe aphansi ngalohlobo. Aphume amulandele ekhishini kunobaba wakhe nomama umaNdlovu ubanika isidlo sasekuseni. Bamubheke naye azibonele ukuthi akekho ubhuti wakhe aphumele phandle. Uhamba nangezinyawo uSambulo amubone asahlehlisa imoto kuthi iphume ayimise. Avule umnyango aphume

Sambulo:"Uzolimaza izinyawo zakho uphumelani ngazo ekuseni kanje buyala."

Gabi:"Ngiyaxolisa bhuti bengazi ukuthi uyangithanda kepha bengingazi ukuthi ungithanda kangaka ngeke ngiphinde ngikukhiphise izinyembezi, ngiyaxolisa."

USambulo sekayamele ngemoto yakhe alule isandla sakhe asondele uGabsile amuhage isikhashana.

Sambulo:"Beka izinyawo zakho phezu kwezicathulo zami siye endlini."

Gabi:"Kahle bhuti bo ngizozihambela izicathulo zakho zipholishiwe ngizozincolisa."

Sambulo:"Anginankinga buya isikhathi singishayile."

Eme ezicathulweni zakhe kube ngathi uma ngamantonto  babhekene njengokusho kukabhuti wakhe. Bahambe umubambe ngezandla kuthi angawi balokhu bayahleka. Amubeke esitubhini emnyango.

Sambulo:"Hambake uyozijabulisa thatha."

Afake isandla esikhwameni akhiphe imali eningi nje angayibali nokuyibala.

Gabi:"Cha bhuti iningi lemali."

Sambulo:"Thatha uzithengele okufunayo mina angifuni mfanyana duze nawe azozithengisa izinto ezishibhile la. Ubhuti wakho unemali uyakhumbula angithi ukuthi ngathi ngizomubulala ngezandla umfanyana ozozindlulisa ngakuwe."

Ahleke uGabi asondele uSambulo amuqabule esihlathini afulathele makafika emotweni ayisuse aphume ngesango. Kwenzeka konke lokhu babukele abazali efasteleni.

Baba:"Nkosikazi ngathi ngeke kubenzima."

Mama:"Noma kuzobanzima iqiniso maliphuma kepha ngeke siqale phansi."

IMFIHLO YOMNDENI🌼

LETHABO T 🌼

ISIQEPHU3🌼

Ngempela uGabsile makabuyela endlini wazilungisa makaqeda waphuma uNokubonga sekakhiphe nezikhwama zakhe.

Baba:"Soyindlela njalo mntanami?"

Nokubonga:"Eya baba."

Mama:"Ubungathi uzohlala isonto lonke."

Nokubonga:"Ngeke ngikhone ma, uphi umaNdlovu?"

Mama:"Uyaneka ngaphandle."

Aphume aye ngaphandle

Nokubonga:"Sengiyahamba ma."

MaNdlovu:"Ave kumnandi mawukhona mntanami, bengicabanga ukuthi usazohlala nathi isikhathi eside."

Nokubonga:"Ma bekuyicebo lami lelo kepha ngihlulwa ilemfihlo."

MaNdlovu:"Ukhonile ukuhlala nayo yonke leminyaka manje uhlulwa yini?"

Nokubonga:"UGabi unesoka manje uyalithanda futhi."

Kubhavumule umama wakhe emva kwabo akwaziwa nokuthi ufike nini.

Mama:"Uthi kutheni unesoka Nokubonga wathula nje awuboni ukuthi kuyomosheka konke emehlweni ethu."

Aphenduke uNokubonga abashiye lapho

Mama:"MaNdlovu you better talk to her, ngokushesha futhi."

Azithulele umaNdlovu aqhubeke ngomsebenzi wakhe. Makangena endlini umawabo abile nomyeni wakhe amubone. uGabsile noNokubonga bahlezi etafuleni bayadla sebagqokile.

Baba:"Kwenzenjani manje nkosikazi."

Mama:"Baba Baba khuza nawa amanzi azongena endlini. Intandokazi yakho inesoka."

Ngokuphazima kweso ashintshe ubababo athuke uGabsile amangale nje kuthi kungani indaba yakhe yokuba nesoka ibaphatha kabi. Asukume uNokubona makabona uyise wakhe ashintsha naye.

Nokubonga:"Asambe Gabsile ngisamelwe indlela ende mina."

Mama:"Niyaphi? Lo akayi ndawo."

Nokubonga:"Buya sambe."

Aphume alandela usisi wakhe bayongena emotweni yakhe. Ayisuse ngokushesha uNokubonga ngoba uyazi bayabalandela isango maselivuleke lonke ayikhiphe angasabafici umawabo. Kukhale ucingo lukaGabsile alubambe.

Gabi:"Ma."

Mama:"Uthi klwa mangabe uyakwazi okukulungele uzojika njengamanje. Mawungakwenzi lokho ngizoshayela ubhuti wakho uyamazi uzokufuna aze akuthole."

Aluvale asale amangele uGabsile kepha angafuni kujika ngoba ukhumbule isoka lakhe.

Gabi:"Sisi kungani kanti ekhaya bangangivumeli ngiphile impilo yami?"

Nokubonga:"Gabi hamba uyozijabulisa nesoka lakho uzwe ubumnandi bokuthandwa yekela labantu basekhaya."

Ayekele vele

Gabi:"Manje mina ngiyongena njani ekhaya mangibuya ngoba wena uhamba nje?'

Nokubonga:"Ungakhathazeki ngizonikhanyisela ikhandlela ngizohamba nawe ngiyokubeka ekhaya bese ngiya kwami."

Gabi:"Kungani ungisiza ekuboneni isoka abangalifuni ekhaya?"

Nokubonga:"Ngiyathanda kukubona ujabulile."

Bafike ngempela emall behlike ashayele isoka lakhe limtshele ukuthi ukuphi. Bahambe bobabili athuke uMduduzi makabona uGabi eza nosisi wakhe omdala. Uyamazi ezithombeni nasekumuboneni ekudeni. Mabasondela asukume abheke isthandwa sakhe esihle bese ubheka phansi.

Gabi:"Mduduzi usisi ufuna kukhuluma nawe?"

Mduduzi:"Sawubona sisi."

Nokubonga:"Ngibize ngoNokubonga angihlelanga ngilethe uGabsile. Maseniqedile ukubonana ningishayele ngizomlanda mina."

Mduduzi:"Ngiyabonga sisi."

Nokubonga:"Kusamele ngiye kude lingashoni ilanga."

Abheke isikhathi uMduduzi kusasekuseni impela uzoba nesikhathi nesithandwa sakhe.

Mduduzi:"Ihora lesithathu lingaba kahle?"

Nokubonga:"Perfect, ngikuthembe Mduduzi?"

Mduduzi:"Ngithembe sisi ngizomuletha la ozobe ukhona khona."

Abafulathele uNokubonga ahambe usamangele uMduduzi ngoba uyazi bayamugada uGabsile kubo.

Mduduzi:"Sthandwa sami."

Gabi:"Ungangibuzi usisi sekakhathele ilento abangenza yona ekhaya."

Mduduzi:"Ithi ngingene endlini encane ngiyabuya."

Ashiye ucingo lwakhe lusale lukhala makabheka ukuthi ubani amoyizele alubambe.

Gabi:"Sawbona baba."

BabaMdu:"Hayibo makoti unjani mntanami."

Gabi:"Ngiyaphila baba uMduduzi usaphumile."

BabaMdu:"Akunankinga sesi masengikhulume nawe, kufana nokuthi ngikhulume naye."

Gabi:"Kulungile baba."

BabaMdu:"Mntanami uMduduzi kumele eze ekhaya ubhuti wakhe omdala isimo sakhe siya ngokubanzima, umawakhe uyamudinga."

Gabi:"Ngizomazisa baba, umama yena unjani."

BabaMdu:"Nangu zibuzele wena."

Kuthuleke kancane

MamaMdu:"Sthandwa sengane yami."

Gabi:"Sawubona ma."

MamaMdu:"Ngiyaphila sesi wena."

Gabi:"Ngiyaphila ma, bengikubuza impilo nje mama."

MamaMdu:"Hayisuka wena awungishayeli ucingo nje uzibuzele. Mina ngiyobakahle mzukwana ngabona lemiqonjwana yakho ebomvu iphithiza la emagcekeni."

Bahleke bobabili.

Gabi:"Izophithiza ma."

MamaMdu:"Mntanami ungakwazi ukucela ekhaya kuthi uze ngapha uzohlalahlala izinsukwana uze nalo lesoka lakho ngoba mawungekho akafuni kuhlala nathi."

Acabange isimo sakubo uGabsile ezwe aba nenhliziyo ebuhlungu noMduduzi aqhamuke naye.

Gabsile:"Seyifikile indodana yakho."

MamaMdu:"Kulungile sesi wongitshela phela masocelile ekhaya. Kumele uze ngoba ungakasebenzi angithi"

Gabi:"Ngizoza ma."

Anikeze uMduduzi ngokushesha ucingo akhulume nomawakhe. Uyazibuza ukuthi kumele enzenjani kubo bazozwisisa ukuthi sekakhulile. Makaqeda kukhuluma nomawakhe uMduduzi abheke isithandwa sakhe.

Mdu:"Mntakwethu awujabulanga."

Gabi:"Ahhh angifuni kuziphatha kabi ngezindaba zasekhaya."

Mdu:"Ubhuti makangangivumela nje uzobona ukuthi ngizimisele ngawe."

Gabi:"Ngiyazi nami."

Mdu:"Ngiyakuthanda nhliziyo yami."

Gabi:"Nami ngiyakuthanda."

Amubambe amuwolele kuye bese uyamuqabula.

Mdu:"Asambe siyobuka imuvi."

Gabi:"Mina ngifuna siye endlini yakho."

Mdu:"Uyazi angifuni kulingeka."

Gabi:"Mina sengiready Mdu."

Mdu:"Sthandwa sami kumele ngivele kini kuqala."

Gabi:"Uzovela nini ekhaya bangenza ingane encane nje."

Mdu:"Ungathukutheli nhliziyo yami sizofika isikhathi, sondela ngithi manca."

Gabi:"Abantu bayasibuka Mdu, namuhla kungani ungasebenzi."

Mdu:"Ngifuna kuba nawe nje."

Gabi:"Kumnandi ukufunda neh."

Mdu:"Kakhulu buka manje ngikhona nokubona isthandwa sami noma nini sicashele nesibari sami."

Gabi:"Asambeke siyobuka imuvi."

Mdu:"Awuthi manca phela wangiziba nje."

Asuke ngejubane uGabsile amugijimise baze baphumele ngaphandle kwemall.

Gabi:"Upake ngakuphi?"

Mdu:"Ngale kanti asiyi kobukela amamuvi."

Gabi:"Angifuni mina kuncono siye epaki."

Mdu:"Lindake la ngoba isekudeni imoto."

Ajike ayoyilanda ngale abuye agibele uGabi bahambe. Bayazincokolela la endleleni baze bafike epaki. Behlike kunabantu abambalwa nje ukhululekile la bagijimisane bayophushana emuswinkini.

Gabi:"Ubaba uthi isimo sikabhuti siyakhula sekagula kakhulu."

Adonse umoya uMduduzi

Mdu:"Ngiyazi Gabi kumele ngibuyele ekhaya ngizokwazi kuqhubeka ngeshishini lamatekisi ubhuti aze abe kahle."

Gabi:"Wena awuthandi?"

Mdu:"Angifuni leshishini langihlula kudala futhi ngizobakude nawe."

Gabi:"Hawu sthandwa sami sizobonana nje kahle sizovakashelana."

Mdu:"Phela mangihamba ngeke ngisabuya ngapha bazongithathela wena kusekudeni ekhaya kunala."

Gabi:"Ngeke bangithathe sthandwa sami ngiyathembisa inhliziyo yami ikuwe."

Mdu:"Ngenzenjani ngihambe?"

Gabi:"Hamba sthandwa sami, yazi mina ngizofuna umsebenzi ngakini ngizokwazi ukuba duzane."

Mdu:"Futhi ave befuneka onjiniyela uyazi uhlakaniphile wena nhliziyo yami bengingayicabangi kanjalo."

Gabi:"Shayela umamake azokhululeka naye."

Mdu:"Ngizobuye ngimushayele manje ngifuna kuthi manca."

Sebabhekene emehlweni abasaphushani baqabulane achele kancane uMduduzi makaphakamisa amehlo ngasemva kwaGabsile abone ubhuti wakhe uSambulo.

Mdu:"Gabi ubhuti wakho uyeza ngapha."

Athuke naye asabe nokubheka emuva azilungise.

Gabi:"Asisheshe siyogibela emotweni Mdu akakasiboni."

Mdu:"Kade asibonile ngendlela ahamba ngayo useduzane futhi."

Sambulo:"GABSILE MANYALA MANI LAWA?"

Sekagoqe izandla uGabsile inhliziyo ungayizwa ishaya ngamandla. Asondele kubo aqonde kuMduduzi amungenele ngezibhakela. Azifihle ubuso nje kuthi angabutholi. Uyamemeza manje uGabsile uyakhuza.

Gabi:"Bhuti uzombulala mana."

Angamuzwa aqhubeke manje sekayamukhahlela sekagoqene phansi lapho uMduduzi uvika ngezandla.

Gabi:"Bhuti mawungamuyeki ngiyakuthembisa ngeke ngiphinde ngikukhulumise ngizokuzonda impilo yami yonke."

Amuyeke abambe uGabi ngesandla amudonse sekayakhala uGabi ubheka isoka lakhe balishiya lapho phansi alibonisi nokuthi lisaphila.

Sambulo:"Usuhamba nabafana Gabi?"

Gabi:"Ngicela ukumbheka kuphela nje ukuthi usaphila ngiyathembisa ngeke ngiphinde ngibonane naye bhuti ngiyakucela."

Amufake emotweni angene naye ayisuse ngesinye isivinini alokhu abheke njalo isoka lakhe ufuna kumubona anyakaza okungenani kepha kufane nje baze basithele ngemoto. Uyandiza la endleleni uGabsile akhiphe ucingo lwakhe abhalele uNokubonga ukuthi ucela ayobona uMduduzi epaki ushaywe uSambulo. Amtshele nokuthi angasezi ekhaya uzoqamba amanga kuthi umulethile yena wazijikela. Umani uyathemba nje ukuthi uNokubonga asheshe awubone lomlayezo. Uyakhala izinyembezi akasazisuli akasakhoni nokuzibamba.

Sambulo:"Umama bengicabanga ukuthi uyaphosisa kuthi unesoka. Beniqamba amanga noNokubonga."

Sekaphethwe nayisibibithwane

Gabi:"Usisi kade angilethile mina ngazijikela ngangangena endlini."

Sambulo:"Nxxxx."......

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 4🌼

Angenise imoto egcekeni lasemzini wakhe uSambulo uyabila intukuthelo futhi uphatheke nakabi inhliziyo yakhe iphukile ubone uGabsile ezandleni zenye indoda. Umawakhe abe aphuma uGabsile makehla nje emotweni amushaye ngempama kushintshe nesihlathi sikaGabsile sibe bomvu ngenkani. Amuphinde futhi kwesinye ishlathi azibambe izihlathi zakhe zombili sekubonakala ngesibibithwane ukuthi uyakhala. Makamuphinda futhi agijimele kuye uSambulo amukhuze afihle uGabsile emva kwakhe.

Mawabo:"Ngiyeke Sambulo angeke ngivume nje kudelelwa ingane engiyizale izolo."

Sambulo:"Ukumushaya kanje kuzomenza abeworse ngizozikhulumela naye muyeke."

Mawabo:"Kuzosebenza nini ukukhuluma useqomile ngeke akuzwe."

Asafihle uGabsile emhlane emva kwakhe ubhekene nomawakhe bayaphikisana. UGabsile ubeke isiphongo emhlane kaSambulo usakhala kuphume uyise wabo uphethe imvubu naye uthukuthele. Afike amubambe ngesandla amushaye kathathu agxume uSambulo ayobamba uyise. Sekayamemeza uGabsile nabantu bayabukela. Kubuhlungu udwebekile la ashaywe uyise khona.

Sambulo:"Ngithe hlukanani noGabsile lento ibhekene nami, buya wena."

Amudonse ngesandla angene naye endlini basale ngaphandle abazali bankemile novalo luyabashaya. UmaNdlovu asondele agijima ayobamba uGabsile kuthi angawi ngoba uSambulo umufake endlini ngokumuphusha. SekakumaNdlovu uyakhala.

Sambulo:"Hamba uye egumbini lakho manje."

Abambe umaNdlovu amuqinise ngoba uyazi ubhuti wakhe uzomushaya uthukuthele. Kungene nabazali babo

Sambulo:"Awungizwa Gabsile?"

MaNdlovu:"Asambe sisi."

Mama:"MaNdlovu wena uyisisebenzi la ekhaya awuvumelekanga kuzifaka ezindabeni zethu. Yeywena madodeni ubhuti wakho uthi hamba uye egumbini lakho."

Asondele ubaba wakhe ngemvubu abaleke ayongena egumbini lakhe.

Mama:"Sambulo mulandele uyoqeda ngaye afuna noma angafuni  manje kungakonakali okuningi."

Sambulo:"Ngakutshela ukuthi ngeke ngikwenze lokho ma."

Baba:"Ufuna kuze kubenjani Sambulo?"

Sambulo:"Kuzozenzakalela hhayi ngenkani."

MaNdlovu:"Ngiyabonga ndodana."

Mama:"Mxm mawungavuki kulamaqanda olele kuwo uzophaphama mzukwana ungasenalutho. Akunani uBonga uyaphuma ejele kulenyanga ezayo mawuhluleka uzowenza umsebenzi kade futhi awufisa."

Sambulo:"Ngizomtshela iqiniso manje?"

Mama:"Ucabanga ukuthi lokho kuzosiza ngani sekaqomile, wazi ngani futhi kuthi usasemsulwa."

Afulathele uSambulo uzizwa angasiyindoda yalutho. Aqonde egumbini likaGabsile amufice asakhala makangena afulathele abheke le.

Sambulo:"Gabsile."

Azithulele nje uGabsile asondele agibele embhedeni amubambe ihlombe amususe lesandla.

Gabi:"Ngicela uphume egumbini lami."

Sambulo:"Ngifuna kukhuluma nawe Gabi."

Gabi:"Angifuni ukukhuluma."

Sambulo:"Inkinga ayikho ungakhulumi ungilalele nje."

Gabi:"Angifuni kwalokho mina."

Akhale kakhulu uGabsile ahlale nje embhedeni angasuki amulalele elokhu ekhala. Ngale ekhishini mabezwa ukumemeza kukaGabsile bajabule.

Mama:"Woooooo baba ekugcineni wasebenza umfana, izongena ilandelana thula ubheke."

Baba:"Yazi mina besengilinde uBonga aphume etilongweni. Ithi ngishayele uMadlokovu."

Asho akhipha ucingo lwakhe aluchofoze angalubambi.

Baba:"Akalubambi."

Mama:"Kungenzeka umatasa ngokuthile uzobuya kuwe. Awuthi ngiphekele indodana yami uzophuma lapha elambile akhathele futhi."

Ngale egumbini likaGabdile akhale uGabsile aze ahluleke ukuzibamba uSambulo amubambe. Abathe uyalwa kuthi amuyeke amubambe kakhulu agcine sekamuvumela.

Gabi:"Bhuti kungani ningenza nje wena futhi kungani wenza nje."

Sambulo:"Yikhona bengifuna kukutshela khona kodwa wanginqabela."

Gabi:"Ngiyakuzonda bhuti masengisebenza ngizokubuyisela yonke imali yakho owangikhulisa ngayo yonke. Ngizokweqa kulomuzi ngeke ngiphinde ngibuye."

Sambulo:"Ungayenzi leyonto Gabsile mina ngingaba yini ngaphandle kwakho."

Gabi:"Uzoqhubeka ube yilendlavini oyiyo namanje."

Sambulo:"Gabi ngiyakuthanda ka......"

Gabi:"Ukuthanda okunjani lokhu Sambulo."

Sambulo:"Ngicela kukutshela uzokwazi ukuzwisisa."

Gabi:"Ngifuna ukuyobona lengane yabantu oyishiye idindilizile lapha."

Sambulo:"Gabi."

Gabi:"No bhuti."

Kukhale ucingo lwakhe uNokubonga

Gabi:"Sisi bamushayile umutholile?"

Nokubonga:"Ngimutholile ngamuphuthumisa esibhedlela, ukhala ngawe endleleni eza la esibhedlela namanje ulokhu ubiza igama lakho."

Aphinde akhale kakhulu futhi uGabsile

Gabi:"Ngizoya kanjani kuyombona buka namanje ubhuti ula egumbini lami kodwa mina ngonani kulomhlaba kuthi ngiphile kanje."

Nokubonga:"Lungisa ngiyeza."

Gabi:"Cha Sisi hamba umyeni wakho ukulindile mina ngiyabonga nje ukuthi ukahle uMduduzi wami."

Amubheke uSambulo sekahlatshwa ilegama elithi Mduduzi wami. Azikhumule uthayi awulahle phansi akhumule nehembe asale ngeveste ayigqoke ngaphansi. Amubheke kabi uGabsile usathukuthele.

Gabi:"Bhuti ngicela uphume."

Sambulo:"Mzukwana wazi into engikuvikela kuyo uzongidinga duze nawe ngingasekho."

Gabi:"Phuma bhuti akukhonto engizayidinga kuwe kgaaaa."

Aphume uSambulo ayothatha ukhiye wemoto yakhe.

Mama:"Mfanami usebenzile kwaze kwaba kabili manje akukho la asazoya khona."

Angaphenduli uSambulo aphume angene emotweni yakhe ayishaye izule. uGabi asale ashintsha agqoke ibhulukwe agqoke afuthumale nje. Makathi uyaphuma ngomnyango azithele kumaNdlovu.

MaNdlovu:"Ngiyaxolisa Gabi kube ngikuvikelile kepha izandla zami zifasekile."

Amangale nje ukuthi ukhuluma ngani

Gabi:"Awume ma kukhona la ngisaya khona."

MaNdlovu;"Hawu awunazo izinhlungu na ngane yami, ngoba uhamba futhi seliyahwalala manje."

Gabi:"Ngizobakahle ma ngiyabonga."

Aphume uGabsile ngenhlanhla abazali bakhe bangale ekhishini bobabili bayapheka. Aphume ngomnyango ayokhomba itekisi limqondise esibhedlela. Ngenhlanhla ihora lesikhombisa isikhathi sezivakashi vele. UNokubonga sekamutshelile ukuthi silele kuphi isithandwa sakhe. Angene agijima naso simubone sisodwa kulewodi amuhage.

Mdu:"Ouch."

Gabi:"Phephisa sthandwa sami, ngiyaxolisa Mduduzi ngalento eyenziwe ubhuti."

Azame kumoyizela uMduduzi

Mdu:"Akunankinga sthandwa sami ngikahle."

Gabi:"Utheni udokotela?"

Mdu:"Ngilimele kancane ezimbanjeni zivuvukile."

Gabi:"Bengithukile ngikubona ungasanyakazi."

Mdu:"Bengizithulisile bengibona ngathi ufuna kungibulala angikaze ngishaywe kangaka, manje utheni kini ngoba ula?"

Gabi:"Ngibalekile angitshelanga muntu."

Mdu:"Hamba Gabsile angifuni ubhuti wakho azongibulalela la, ngicela uhambe."

Gabi:"Angiyi ndawo Mduduzi ngiyahlala la."

Mdu:"Ubhuti wakho makabona ukuthi awukho endlini uzocabanga ukuthi uze la ngeke angiyeke emva kwalokho uzongibulala."

Gabi:"Sthandwa kodwa."

Mdu:"No Gabi uSandile uyeza manje uzokuhambisa."

Abe angena umngani wakhe asakhuluma ngaye. Bahlale kancane baxoxa. Emva kwemizuzu ewu30 bangene onogada bazobakhipha.

Nogada:"Sesiphelile isikhathi sezivakashi."

UGabsile akhale ahage uMduduzi futhi.

Mdu:"Ngikahle uyangibona nawe hamba sthandwa sami."

Gabi:"Ngizokubona kusasa."

Baphume bayongena emotweni kaSandile.

Gabi:"Sandile ngiya kaMdu."

Sandile:"Akunankinga muntu wakhe."

Afike amushiye esangweni azikhuthuze isikhiyo  sakhe unaso noma angasisebenzisi. Avule angene isoka lakhe liyazithanda asikho isidingo sokuthi alungise ihlanzekile lendawo. Ayongena ebhavini ageze makaqeda angene engubeni kaMdu akhale uyacabanga ngempilo yakhe kuthi kungani bamuphatha ngalohlobo.

USambulo uthe makabuya ebsuku wayobheka uGabi egumbini lakhe wangamufica. Wathuka wathuthumela makathi uyaphuma uyomubheka azithele kumaNdlovu naye abethi uzomubheka sekabuyile na.

Sambulo:"Uphi uGabsile?"

MaNdlovu:"Angimazi."

Aphume amulandele umaNdlovu angene naye emotweni.

Sambulo:"Ma ngicela wehle."

MaNdlovu:"Ngiyazi uzomufuna uze umthole awucabangi ukumyeka uphatheke kabi ilento omenze yona nathi sikhona."

Sambulo:"Bengingazi ukuthi ubaba uzomushaya."

MaNdlovu:"Angikhulumi ngalokho mina, angithi ulale naye ngenkani."

Ahlahle amehlo uSambulo

Sambulo:"Angikaze ngikwenze lokho mina, ukhona yini olimaze uGabi."

MaNdlovu:"Manje abekhalelani ngenkathi ninobabili egumbini."

Sambulo:"Angimuthintanga mina uGabi abekhalela kuthi uyangixosha uyangizonda."

Adonse umoya umaNdlovu

MaNdlovu:"Ngizwe ngabazali bakho mina."

Sambulo:"Ma ngicela uphume."

MaNdlovu:"Cha ngihamba nawe namuhla nizolimaza lengane."

Sambulo:"Ngeke ngimubeke isandla uGabsile nawe uyakwazi lokho."

MaNdlovu:"Ndodana uyindoda elungile yini le engaka eyakuguqula?"

"Ukhuliswe yimina nginazi nonke wena ubulunge ukundlula zonke izingane zakini kwenzakalani kanti?"

Sambulo:"Imfihlo ma manje angikwazi kuphuma kuyo ngoba sengingene shici."

MaNdlovu:"Sonke singenile kuyo mzukwana ivela lemfihlo uzosithukuthelela sonke, kodwa ithuba lisekhona lokuyeka yonke lento."

Sambula:"Kini lingaba khona kepha kimi alikho."

Mandlovu:"Usho ukuthini."

Sambulo:"Ma ngiyamuthanda uGabsile manje ngempela. Ekuqaleni ngangithi ngilalela abazali bami nokusindisa uGabsile kuBonga kepha manje sekungenye indaba ma ngiyamuthanda."

MaNdlovu:"Mina kade ngakubona lokho futhi ngakubona kuyinto ekahle."

Sambulo:"UGabi makakhala ukhuluma amagama abhlungu ma kepha kuyala kuthi ngimuyeke. Ngavumelani kodwa ukuzifaka kulento kube ngabayeka benoBonga ngazihlalela phesheya."

MaNdlovu:"Muyeke Sambulo mawumthanda njengoba ngibona muyeke ngoba ngeke nihlale kamnandi ube wazi ukuthi akajabulanga. Umuntu mawumthanda ufuna ahlale ajabulile noma leyo njabulo angayitholi kuwe. Kuzobanzima kepha uzojwayela."

Athule uSambulo abheke ngaphandle kwefastela lemoto.

Sambulo:"Inkinga ukuthi ngeke bamuyeke noma angathi uyabaleka bazomufuna bamuthole. UBonga ngeke amuyeke kukaningi ngimubamba acishe amudlwengula angaboni uGabsile. Ma yazi ngaze ngamusulela ngecala elingekho ngoba ngifuna kumsusa celeni kukaGabi."

Athwale izandla umaNdlovu

MaNdlovu:"Hayini Sambulo ubhuti wakho wayengambulalanga lomfana kaMavuso?"

Sambulo:"Eyyy mama indaba ende kepha zange amubulale vele makathi wamufica sekafile wayekhuluma iqiniso. Azange ngizisole futhi ngalokho ngoba ziningi izingane zabantu azidlwengula angaboshwa ngenxa kababa."

Mandlovu:"Yooo ungehlule Shenge."

Sambulo:"Yehla ma ngiyobheka uGabi."

MaNdlovu abophe ibhande abone naye kuthi ngeke ehle ayisuse imoto vele ayiqondise esibhedlela siduzane nasepaki uyazi akukho la angamukiswa khona. Bavinjwe unogada esangweni.

Nogada:"Singakusiza mnumzane."

Sambulo:"Ngilethe uma ecasualty uyagula."

Bamuvulele ngokushesha angene aqonde kumabhalane.

Sambulo:"Kukhona engimufunayo ungene namuhla ushayiwe."

Mabhalane:"Uzizele noma ulandwe ambulance yalakhaya?"

Acabange

Sambulo:"Sisi ngiyiphoyisa kukhona ungishayele athi igama lakhe uMduduzi ufuna ukuvula icala ushayiwe."

Mabhalane:"Ngicela ukubona ibheji yakho."

Afake isandla esikhwami aphume noR500 amunike naye angabe esabuza athathe imali ngokushesha abatshele ukuthi ukuliphi iwodi. Bahambe mabangena ewodini ulele kepha akazumekanga ngathi ukude nomcabango. Athuke makabona ukuthi ubani atatazele angazi ufuna ukwenzani.

Sambulo:"Angizelanga lokho, uphi uGabsile?"

Mdu:"Ufikile wahamba."

Sambulo:"Akekho endlini akabuyanga."

Athule uMduduzi uyamangala naye.

Mdu:"Ngempela bhuti baphume la mabakhishwa onogada."

Sambulo:"Mawuthi ba benobani?"

Mdu:"USandile umngani wami."

Sambulo:"Unayo inombolo yakhe?"

Avume uMduduzi azame kuthatha ucingo lwakhe angafikeli aluthathe uSambulo alubheke ubeke isthombe saGabsile njengewallpaper. Uyahleka kulesthombe injabulo ayibona kuye imenza abenamahloni ngalento ayenzayo nangokuzizwa amthanda.

Sambulo:" Umbhale ngobani igama."

Asho ashayele uSandile kumthathe isikhashana aluphendule.

Sambulo:"Ubhuti waGabsile lo, umushiyephi manisuka esbhedlela?"

Sandile:"KwaMduduzi uthe ufuna kuya khona."

Aluvale angasavalelisanga amubuze ikuphi kwakhe amutshele. Baphume uSambulo uhamba uyacabanga la endleleni. Bafike bangene agqekeze lomnyango bangene kumnyama kubonisa kona kuthi ulele. Bacinge emagumbini bahamba ngokunyonyoba. Avule kancane kwelinye amufice alele lapho amubheke uSambulo kuze kuqhathake unyembezi oluloddwa kuye. UmaNdlovu ume ngasemnyango. Amunyakazise kancane aze aphaphame agxume acishe kuyowela ngale kombhede.

Gabi:"Bhuti ngiyaxolisa ngiyaxolisa ngicela ungayi kombulala yimina engiziyele wangixosha. Ngiyakucela bhuti."

Uyabona ukuthi akusizi uGabsile uyalithanda lesoka lakhe.

Sambulo:"Buya sihambe."

Gabi:"Ngifuna kuba la endlini yakhe."

Sambulo:"Akukho safe Gabi buka sikhonile ukungena ngicela sambe."

Avume ngekhanda kaningi ehle embhedeni athuke umaNdlovu makamubona ukuthi ugqoke iphenti lodwa akanandaba futhi noSambulo. Azibhekele phansi uSambulo abuye sekagqokile.

Gabi:"Ngiyaxolisa bhuti ngiyazi uyangikhuza ke....."

Amubeke umunwe wakhe ezindebeni zomlomo.

Sambulo:"Shhhhhhhh ngeke ngikulwise noma ngiyoshaya uMduduzi. Asambe mina nawe kuningi okumele sikuxoxe."

Gabi:"Kulungule."

Makabona ukuthi akazifakanga izicathulo amuphakamise umaNdlovu ahambe phambili avule umnyango wemoto amungenise uSambulo ayongena ngale endaweni yakhe ayisuse bafike ekhaya kubo. Baphume bayongena endlini umaNdlovu aye egumbini lakhe elingaphandle. Umuphakamisile futhi ayongena naye egumbini lakhe uSambulo. Amuvulele izingubo kuthi angene angasho lutho nayi uGabsile ukuthi ufuna kuya kwelakhe igumbi. Akhumule uGabsile uSambulo amuphosele isikibha sakhe athanda kusitshontsha. Ucabangile uqedile ukuthi makusa nje wenzani. Angene engubeni uGabsile yena alale phezu kwayo ingubo ngalezimpahla azigqokile.

Gabi:"Kwenzakali bhuti?"

Sambulo:"Ngiyaxolisa ngokushaya isoka lakho."

Gabi:"Why?"

Sambulo:"Shhhh lala manje."

Alale vele uGabi uSambulo abukho nakancane ubuthongo ukude ngomcabango. Ukhumbula mhla abazali bakhe babayisa enyangeni benomfowabo babesebancane bangakazi lutho nalezifungo abazuthathiswa babengazi nokuthi ezani........

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 5🌼

Kwathi kungagamanxa ihora lesithathu  wavuka uSambulo akazange abuthi quthu ubthongo. Abelokhu acabanga izinto ezamehlela abuye acabange nengane yabantu eyayimuthanda yamushiya ngoba ibona indlela ayengayo kuGabsile. Avuke ayohlamba abuye agqoke iyakwazi kuzigqokisa lensizwa. Iyazithanda futhi aqonde ekhishini afice umaNdlovu sekematasa athuke makamubona.

Sambulo:"Hawu uvuka ngaleskhathi kanti?"

MaNdlovu:"Uyamazi umawakho makavuka nje ufuna ukudla, wena wavuka kusa nje."

Athalaze kuqala bese usondela kumaNdlovu azohleba kahle.

Sambulo:"Ma ngikhathele ngifuna kubuyisela impilo yami. Kukhona la engiya khona, ngizobuya kungekudala nje."

MaNdlovu:"Kulungile mfanami ingabe ukubuyisela impilo yakho kusho ukuyeka uGabsile ungasamthandi?"

Sambulo:"Ngeke ngiyeke kumthanda kepha ngiyayeka ukumphoqa manje ngizokubona ma."

Athathe isigubhu samanzi aqonde emotweni yakhe. Ahambe kwakhona la endleleni uyacabanga. Ashayela isikhashana angene umgwaqo wezintuli omncane. Azihambi izomoto ezimbili kulomgwaqo ziyamelana. Afike angene komunye umuzi imoto ayishiye ngaphandle kwegceke angene eme phakathi negceke.

Sambulo:"Ngiyakhuleka ekhaya kaZwane."

Kuphume umfanyana omncane ugqokiswe zimpahla ezimhlophe amubambe ngesandla amudonse mabafika emnyango amukhumule izintambo zezicathulo angene. Kunabesimame abaningi kulesigodlo amufaka kuso bonke bagqoke okumhlophe.

"Shenge sabusiswa nguwena kusa nje ndodana  uhlushwa yini?"

Iphimbo lowesifazane amubheke uSambulo namanje akabukholwa ubuhle balesalukazi abujwayeleki nje. Sinamehlo amakhulu amhlophe izinkophe zakhona ungashanela ngazo simoyizele makabona uSambulo asibheka.

"Mfana ngiyazi ngimuhle musa ukungikhamisela engani eyakho inhliziyo isinomnikazi hlala phansi."

Athuke uSambulo amoyizele naye ahlale phansi la amukhombe khona.

Sambulo:"Umama usekwazi ngani lokho?"

"Uyazi mawungena nje esangweni uhamba uqambe ufika la sengikubone konke. Tshela mina ndodana wathwala ubunzima obungaka emahlombe akho ngikhona kwenzenjani?"

Adonse umoya uSambulo.

Sambulo:"Mamkhulu angisakhoni ngizobuza la kuwe ukuthi ingabe lothando olukhula ngaphakathi kimi ngoGabsile lwenziwa nguwena na? Nokuthi isifungo siyaqhaqheka na?"

Mamkhulu:"Kungani ucabanga ukuthi yimi?"

Sambulo:"Ngiyakhumbula wawulwa njani nomama ngalento eyenzeka ekhaya, wena wasuka lapho waphakamisa uGabsile wathi kimi ngizoyithanda lengane ngizoyivikela futhi. Ngifuna kulungisa impilo yami manje, ngibese ngikhumbula lamazwi kuthi kungenzeka lothando olokwenziwa phela mangabe kunjalo ma ngixolela ukufulathela umndeni wami kuyongisizani ukuhlala."

Mamkhulu:"Engangikusho ndodana ngaleyo mini into engaboniswa yona angilwenzanga lolo thando. Ufuna kulungisa impilo yakho kanjani?"

Sambulo:"Ngizotshela uGabsile ngalemfihlo yena azithathele isinqumo ngiyazi uzokhetha ukuya esokeni lakhe ngoba sekanalo. Nami ngizohamba ekhaya."

Mamkhulu:"Ngiyayithanda inhliziyo yakho udadewethu akakhonanga ukuyiguqula. Lowa muzi ewakho nje usufuna kuwushiya."

Sambulo:"Ngiyawushiya mama angisakhoni, uBonga futhi uyabuya."

Mamkhulu abheke uSambulo eside isikhathi

Mamkhulu:"Letha izandla zakho zombili."

Azibambe azibheke kahle ulokhu uyaziphulula ngathi uvula ikhasi elinye makaqeda ukufunda aphinde avule elinye, akwenze lokho kwizandla zombili, aqede sekehla izinyembezi amangale uSambulo. Asukume umamkhulu athathe isigubhu samanzi esimalitha amahlanu asithele endishini emhlophe.

Mamkhulu:"Ngivumelana nawe kodwa kuze ukhulume iqiniso kumele uzazi kuqala ukuthi ungubani kahle kahle. Mawuqeda kubona lento engifuna kukutshengisa yona ngicela ungavumeli intukuthelo yakho ikulawule."

Sambulo:"Ngiyathembisa mamkhulu."

Athathe indukwana agoqoze lamanzi akhuleke naye adonse umoya amutshele ukuthi akabheke endishini. Ngempela asondele uSambulo abukele.

ENDISHINI🌼

Abone owesifazane omuhle kakhulu asesibhedlela uphethe ingane uswane. Lowesifazane umufanisa naye umamkhulu lo kodwa usemuncane la lobuhle bugqamile. Kungene owesilisa naye uselibhungu

"Hawu mntakwethu uma ungitshelile kuthi usukhululekile."

"Yebo Shenge sengikhululekile nayi indodana yakho."

"Hawu hawu waze wangenza indoda emadodeni Nelisiwe, kodwa wawushilo ukuthi uzongipha indodana. Awubheke usuka sambe wensizwa ufuze uyise."

"Igama baba."

"ISambulo sami lesi izibulo lami wena mfanami uyowuvusa umuzi kababa uyozibamba izinduku la ohamba khona kuzokhanya Shenge. Abasebumnyameni uzobalwela ubakhulule. Ngikufisela ubenenhliziyo kanyoko enhle uzokwazi ukulwa nobumnyama, Shenge."

Lukhale usana alubuyisele kunina

"Ncelisa undodana yami nkosikazi."

Ngempela akhiphe ibele amuncelise uSambulo aphakamise amehlo athi ubheka umamkhulu wakhe ngoba udidekile manje ngakubonayo.

Mamkhulu:" Imibuzo mawuqeda kubuka lapho."

Abuyisele amehlo wakhe endishini sekuvela umuzi uyawukhumbula lomuzi noma angeke achaze kahle kepha uyawazi. Ugogo wakhe ozala umawakhe nomamkhulu ugone loswane unaye umamkhulu.

Gogo:"Nelisiwe ingane seyikhulile sekumele uphindele emzini wakho manje seside lesikhathi ahlezi yedwa umkhwenyane."

Mamkhulu:"Uzongilanda ubaba kaSambulo makabuya emsebenzini."

Kuvele umamakhe

Mama:"Neli  usuzohamba kahle masohamba."

Neli:"Ngiyabonga Zodwa."

Amubheke kabi loZodwa akaboni lutho uNeli umufulathele.

Aphinde abone sekakhulelwe futhi uNelisiwe lona uphethe ibhakede lamanzi uya emfuleni sekuyahwalala. Makafika awakhe amanzi ahluleke ukuzithwesa alinde uyazi labomama abasebenzayo amanzi bawakha ngalezinkathi. Ezwe umsindo ongasimuhle nje ngathi owesifazane uyakhala awulandele lomsindo usekusithekeni. Azithele kumyeni wakhe nodadewabo benza ucansi khona.

Nelisiwe:"Mkhululi."

Bathuke bobabili agqoke ngokushesha uMkhululi alandele inkosikazi yakhe asuke ngejubane asale kanjalo uZodwa. Afike emzini wabo uyakhala uNelisiwe akasaboni nendlela usithwa izinyembezi. Amuncenge uMkhululi axolise angene uZodwa.

Zodwa:"Noma angaxolisa lo kuyafana sengikhulelwe kudala sayiqala lento."

Afulathele uZodwa kuvele futhi kuwumhlangano womndeni bonke bavumelana ngokuthi uMkhululi akamuthathe uZodwa abe yinkosikazi yakhe yesibili. Emva kweminyaka emibili kwasha indlu kaNelisiwe

asebenzela kuyo abantu makabheka wabona ukuthi usesi wakhe wangasho lutho ngoba umyeni wakhe uhlala alalela udadewabo ongusesi wakhe. Wanquma kuthatha izingane zakhe amuke nazo kwathi makushona umama ozala uNelisiwe noZodwa izihlobo zeza zazomukhipha endlini kamawakhe. Wantula nezingane zakhe ezimbili uMkhululi waze wazithatha zombili izingane zakhe. Wahamba uNelisiwe wayohlala kwelinye isonto lapho wafike waqeqesheka ngesipho sakhe. Wabona lapho ukuthi udadewabo wafakela umyeni wakhe umuthi ngoba ajika wathanda yena kakhulu. Yona lenyanga yezimanga yabo uMandlokovu iyona eyasiza  usesi wakhe kuthi athole umyeni wakhe. Angabe asabona lutho uSambulo sekahlezi wanaba manje lendishi bekasayigonile.

Sambulo:"Ngiyindodana yakho mina?"

Avume ngekhanda.

Sambulo:"Wavumelani kuthi ngikhuliswe uZodwa uyazi futhi kuthi kusebenzisa nomuthi wayeka umthakathi angenzise zonke lezinto mina ngithi ngihlonipha umawami kanti yena uyangihleka. Njalo makunzima kimi yingakho bengigijima ngizokhala kuwe, kodwa yini ngalomndeni?"

Mamkhulu:"Noma anenhliziyo embi uZodwa bengeke akwenze lutho ngenxa yesivumelwano asenza noMadlokovu."

Sambulo:"Iphi lengane yesibili owawuyikhulelwe?"

Sekayakhala manje umamkhulu

Mamkhulu:"UNokubonga wena noNokubonga niyizingane zami, uBonga nguyena owayekhulelwe uZodwa. Nganginigadile mfanami futhi nenhliziyo yakho enhle bengazi ngeke uduke."

Uyavevezela manje uSambulo akazazi azenzeni.

Mamkhulu:"Buya uzolala kancane mawuvuka sizokhuluma kuzosebenzeka kalula ngoba angisanamfihlo engivimbile."

Sambulo:"Angifuni kulala."

Mamkhulu:"Ungathukutheli ndodana."

Sambulo:"Noma ngibuhlungu akukho engingakwenza kushintsha yonke lento. Ngeke ngaqamba amanga ukuthi ngiyazibuza uyekelele izingane zakho zikhuliswe umthakathi wena owahluleka kuhlala naye. UNokubonga ngizomazisa ngalento."

Mamkhulu:"Ndodana okwamanje ngicela ungababonisi ukuthi usuyazi kuzobheda konke."

Sambulo:"Kanti ungitsheleleni uma usafuna kubeyimfihlo?"

Mamkhulu:"Ngikutshelele kuthi kungabi namfihlo phakathi kwethu sobabili ngizokwazi kunqamula lesifungo enasenza nomfowenu enyangeni."

Sambulo:"Wangigqugquzela kuthi ngivule ishishini eceleni ngalemali engayithatha kuwe, ubuwenzela ukuthi kubelula kusuka kulesifungo?"

Mamkhulu:"Wena uyindodana yami indlela ocabanga ngayo futhi iyabonisa. Banifungisa ukuthi owodwa kinina kuzomele athole ubumsulwa bukaGabsile ngalokho ingcebo izokwanda. Lo ozolala kuqala

noGabsile uzoba namandla amangazayo ngoba ungowasebukhosini. UGabsile uqukethe amandla angazi ngawo."

Sambulo:"Kanjani mina ngamubona avela nomaNdlovu. Ngasengihlakaniphile futhi ngiyazi ukuthi uyingane kamaNdlovu."

Mamkhulu:"UmaNdlovu wayeshendeza nenkosi enamandla ekhona ukwenza izimanga, futhi icebile leyo nkosi. Inkosi yatshela umaNdlovu ukuthi angalinge akhulelwe ngoba amandla wayo ayoshabalala makungavela ingane ngaphandle. Amandla akhe onke anawo azowela kulengane. Wakubeka kwacaca ukuthi uzobabulala bobabili nengane. UmaNdlovuke waqala ngokuhlela umndeni kwenzeka iphutha kanye wakhulelwa. Wabaleka umaNdlovu kuleso sigodi inkosi ithe mayibona ukuthi ubalekile yafunda kwezayo ukuthi ukhulelwe wamufuna uZodwa wamusiza lapho ngoba sekabona ingcebo yonke lento yaqala kanjalo."

Sambulo:"UGabsile akukho zimanga azenzayo nje."

Mamkhulu:"Akazi makangadibana nobaba wakhe bahlale isikhathi bangabonana ukuthi bayazalana."

Sambulo:"Inkosi yona isaphila?"

Mamkhulu:"Isaphila kodwa yehliswa esihlalweni yona nomndeni wayo baxoshwa futhi kuleso sigodi. Inkosi isengabuyela ebukhosini bayo mayingatholana nendodakazi yayo ngoba yasuswa ngokungekho kahle."

Sambulo:"Sengidideke kakhulu manje."

Mamkhulu:"Thatha uGabsile uhambe naye angakabuyi umfowenu. Bajwayeze ukuthi usuzohlala naye uGabsile ninobabili."

Sambulo:"Ngeke ngiyikhone leyo?"

Mamkhulu:"Uzohlulwa yini?"

Sambulo:"Ngiyamuthanda uGabsile kuningi okwenzeka kimi manginaye ngiyasaba manje sekweqile ngizaze ngenze okungekho kahle. Okunye unesoka alithanda ukubhubha uzolokhu ahamba abonana nalo bese mina ngithini."

Mamkhulu:"Kuyamangaza okwalesoka lakhe ngoba angikhoni ukulibona. Musa ukubaligwala konke okuzokwenzeka kuzozenzakalela wena nje muvikele. Okunye angivumelekanga kuthi ngikutshele ngoba kumele kuzenzakalele."

Sambulo:"Manje uthi angingamutsheli uGabsile ngalemfihlo?"

Mamkhulu:"Hamba naye kuqala masenihlezi nodwa umutshele. Uyise uzokuvumela futhi ukuthi uhambe noGabsile ngoba bazitshela ukuthi usulele naye."

Asukume uSambulo

Mamkhulu:"Ndodana kade uwa uvuka noGabsile, kwawena azange uphile impilo yakho yobunsizwa wenze konke ukungezwa okwenziwa abafana ngoba wawuhlezi ugadane naye. Konke lokho awukwenzelanga ize. Qina noma kubuhlungu kumuthanda kepha ikusasa liyaqhakaza."

Sambulo:"Mina kumele ngenzenjani ngalothando."

Mamkhulu:"Umutshele masenihlala nodwa yena uzazikhethela indlela."

Sambulo:"Angikaqondi kodwa ukuthi umaNdlovu wayivumelani into enje ngengane yakhe."

Mamkhulu:"UmaNdlovu akafuni lamandla indodakazi yakhe enawo ngoba yiwona azoyenza inkosi ibathole. Futhi uZodwa wayemusabisa athi makangavumi yena uzoya enkosini amutshele bacashe kuphi bekasaba nalokho."

Baphume sekamuphelezela angene emotweni yakhe uSambulo ayidumise.

Mamkhulu:"Sambulo?"

Amubheke

Mamkhulu:"Uyakuthanda naye ucabanga ukuthi lothando olukabhuti wakhe. Usemncane akukamcaceli. Isoka leli alithandayo angiliboni nhlobo mina kodwa ngisazokhuleka. Ngiyaxolisa ndodana yami enhle ngemfihlo."

Amoyizele uSambulo ayisuse imoto manje sekahamba ngesivinini izintuli ngemuva ziyamulandela inhliziyo iyabalabala. Kepha makabuka lesithombe sikaGabsile esilenga emotweni yakhe amoyizele..........

🌼🌼🌼

UGabsile uvuke wabheka celeni kwakhe akekho ubhuti wakhe. Athathe ucingo ashayele isoka lakhe limazise kuthi ubhuti wakhe uzile azomubona izolo ahamba nomunye umama.

Gabi:"Ngibona ngathi uzosikhulula manje ubhuti. Akangilwisanga makangifica endlini yakho ungithathile nje sabuya ekhaya. Manje ngiyavuka angimuboni celeni kwami."

Mdu:"Usho ukuthini awuthi awumuboni celeni kwakho?"

Gabi:"Silale ndawonye izolo."

Athuke uMduduzi uthi uyayizwa kahle lento.

Mdu:"Gabsile nilale embhedeni owodwa ninobabili?"

Gabi:"Yebo sthandwa sami."

Mdu:"Ubukhala yini noma uzumeke ngephutha egumbini lakho wavuka waya kwelakhe?"

Gabi:"Cha besisegumbini lakhe sihlala silala sobabili noma la egumbini lakhe noma egumbini lami."

Mdu:"Ay ithi ngivalelise ngoba uzaze uthi uyakugeza ubhuti wakho."

Ahleke uGabsile yena uzizwela ihlaya nje akazi ukuthi umfula usugcwele kuMduduzi.

Gabi:"Mangigula uyangigeza vele."

Mdu:"Uke wagula kuthi udinge umuntu akugeze?"

Gabi:"Kusuke kuyisifuba nje into encane."

Mdu:"Eish Gabsile abazali benu bathini ngalento."

Gabi:",Bazothini sisondelene nobhuti."

Mdu:"Manje sengiyabona kungani angafuni mfana celeni kwakho. Ungaphinde ushere umbhede nobhuti wakho akubukeki. Nangu udokotela sekumele ngihambe."

Aluvale asale emangele uGabsile avuke ayogeza agqoke sona lesikibha sikabhuti wakhe. Makaphuma egumbini likabhuti wakhe azithele kumawakhe amubheke amoyizele.

Mama:"Sthandwa sami ulele kahle?"

Gabi:"Ngilele kahle ma."

Mama:"Ulele la?"

Gabi:"Yebo ma, uphi ubhuti yena?"

Mama:"Hamba uyodla."

Afike ekhishini kunobaba wakhe kuphela afulathele enze ukudla makaqeda kumubingelela. Amubuke ngemuva umntomdala aze amoyizele azwe imizwa idlala ngaphakathi kuye. Aze akhulume ngenhliziyo kuthi uMandlokovu kube wanika yena manje sekuyisikhathi ngoba sekamulalile nje uSambulo sebangazitika bonke amagama enyanga lawo. Asukume eme duzane naye

Baba:"Gabi"

Gabi:"Baba."

Baba:"Ngiyaxolisa ndodakazi yami ngokukushaya ngemvubu bengithukuthele."

Gabi:"Inkinga ayikho baba."

Baba:"Buya uzohaga ubaba ngibone ukuthi ungixolele."

Abheke ngakuye makamuhaga avale namehlo uButhelezi iqhamuke inkosikazi yakhe abafice bebambene. Ngaleso sikhathi akhumbule amagama enyanga yakhe. "Ukuze ingcebo ithuthuke komele alalwe indodana eyodwa ithathe ubumsulwa bakhe. Emva kwalokho nonke seningazitika ngaye. Manilokhu nijabulisa imizwa yenu uzohanjelwa ilamandla anawo azobuya ngakini."

Sekaphefumulela phezulu umfazi kaButhelezi ilento ayibonayo. Nakho kwaGabsile kugqoke isikibha siveze wonke amathanga lawa uyamubona umyeni wakhe ukuthi uthathekile indlela azinamathisele ngayo enganeni. Aphatheke kabi aphuke inhliziyo

Mama:"Gabsile."

Athuke umyeni wakhe ayeke uGabsile ngokushesha uGabsile angabi nankinga.

Gabi:"Ma."

Abheke umyeni wakhe ngelinye iso uyamazi umyeni wakhe makaphethwe imizwa kumcacele nje ukuthi iyamulawula.

Mama:"Hamba uye egumbini lakho ngifuna kukhuluma nobabakho."

Athathe ukudla kwakhe uGabsile abuyele egumbini likabhuti wakhe.

🌼🌼

Mama:"Wenzani?"

Baba:"Ngenzeni?"

Mama:"Ngizokubulala nya mina ungazi kahle ungake ulinge."

Baba:"Mawufuna ingcebo uzoyeka senze okwashiwo uMadlokovu. Lengane inamandla uyamubona nawe uSambulo ngoba ahlala anayo kuthi usulelwe amandla abantu bayamusaba bayamuhlonipha. Ngizolala nayo uthanda ungathandi."

Mama:"Buthelezi uBonga ukhona nje uzosandisela ingcebo."

Baba:"Nami ngifuna kuyandisa wawuthi kuyobanjani."

Kungene uSambulo ngaleso sikhathi basaphikisana abone ukuthi bayaxabana, naye usasenentukuthelo ngathi angalala.

Baba:"Ubuyaphi ekuseni nje ndodana?"

Sambulo:"Kunezinto bengiyozilungisa."

Abheke umama wakhe kabi ucabanga lezinto azenza emndenini wakhe ahlukanise abazali bakhe. Abafulathele abheke egumbini likaGabsile kuqala angamutholi. Ibe buhlungu futhi inhliziyo yakhe acabange ukuthi uye esokeni lakhe. Aqonde kwelakhe igumbi ajabulise okwengane amufica azidlela khona abukele nomabonakude. Naye makamubheka amoyizele

Gabi:"Uvuke wayaphi bhuti?"

Sambulo:"Khona bengiyokulungisa, ngilambile yazi."

Amunike lokhu akudlayo adle uSambulo makaqeda abonge akhumule izicathulo angene engubeni.

Sambulo:"Awuyi kuyobona isoka lakho namuhla?"

Amangale uGabsile

Gabi:"Ngiyafuna ukuthi kodwa ngiyasaba."

Sambulo:"Khululeka ngeke ngisakulwisa."

Gabi:"Ngiyabonga bhuti wami."

Sambulo:"Ngifuna ukuthutha la ekhaya."

Gabi:"Hawu bhuti uhambelani ungangishiyi ngeke ngikhone kuhlala ngaphandle kwakho."

Sambulo:"Sizohamba sobabili ungakhathazeki, ngisalala kancane mangivuka ngizobazisa bobaba. Wena hamba uye esokeni lakho."

Gabi:"Ngiyabonga bhuti kepha isikhathi sesizoshaya."

Sambulo:"Ufuna ngikuphelezele?"

Gabi:"Lala bhuti ngizoya ngehora lesithathu ngiyazi azange ulale namehlo akho ayazisho."

Sambulo:"Yehlisa nomsindo kancane."

Athathe lesitsha asibeke kude amubheke ubhuti wakhe. Namanje akakhoni kuzwisisa kuthi aze amuthande ngalohlobo kungani. Ezwe sekahonqa kancane avale umabonakude abuyele naye engubeni azihlohle celeni kwaSambulo amufulathele alale naye.

🌼🌼🌼

uMduduzi esibhedlela ujulile ngomcabango uyazibuza lobudlelwane bentombi yakhe ayithanda kangaka nobhuti wayo bunjani. Ngeke aqambe amanga athi uyazwisisa kwayena unosisi wakhe umuthanda into engachazeki kepha ngeke nangelilodwa ilanga amugeze noma alale naye embhedeni ubusuku bonke.

Mdu:"Angalinge uGabsile angenze leyonto ngimuthanda kangaka. Kade ngizibamba kuthi ngingalali naye ngoba ngiyamuthanda futhi ngifuna ukwenza kahle izinto zethu. Mangabe yena ulalana nobhuti wakhe ngeke ngilunge ngizomubulala makumele ngibuyele kulempilo bengiyiphila ngizobuyela ngizomubulala uGabsile. Abangazi ngingubani mina bazibonela isiyoyoyo. Ngiyayincaswa lengane mayingatholwa yimina akekho ozoyithola. Iminyaka engaka mangiphuma nje la esibhedlela kuncono silale ngizokholwa lapho ukuthi akalalani nobhuti wakhe."

Ukukhuluma konke lokhu uze uyaphimisela

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T🌼

ISIQEPHU 6🌼

Sambulo🌼

Ngiphaphame ngimangale mangibona uGabsile phambi kwami. Isilingo phela lesi ingqondo inomkhuba wayo nayo ngizithole sengimubuka umzimba wonke nobuhle bakhe buyangilimaza. Ngimubeke isandla okhalweni ngisondele kancane aze athinteke ngidonse nomoya. Aphenduke abheke ngakimi ngimubuke ulele deep ngisuke ngimuhlasele ngokiss. Angiqabule naye ngithuke kodwa ngiqhubeke siqabulane ngibuye phezulu kuye afake izandla zakhe ngaphansi kwesikibha engisigqokile angiphulule emhlane novalo lungishaya kakhulu manje sekabonisa ukuthi akasekho ebuthongweni ngihambise izandla zami emzimbeni wakhe. Ngihlala ngiduzane naye ngilala celeni kwakhe angikaze ngibeduzane ngalohlobo. Ngesikade sengithathekile manje nokucabanga kwami akusekho kimi ngizwe sekangiphusha.

Gabi:"Bhuti wenzani."

Mina:"Shit Gabsile."

Avuke aqonde emnyango ngigxume ngokushesha ngiyomuvimba ngime emnyango. Uthukile nami ngiyamubona emehlweni akhe iyanyanyeka lento eqeda kwenzeka. Amehlo akhe angibheke esithweni sangasese sami. Ubheke lesimo engikuso.

Mina:"Ngiyaxolisa baby girl."

Gabi:"Ukwenzeleni lokho?"

Sekuyiphutha lami ngedwa manje ngathi bengiziqabula. Ngithule angifuni lento ibhebhetheke angaze abaleke.

Mina:"Bengiphupha sesi wami ngempela nginamahloni."

Gabi:"Ubukhohliwe yini ukuthi unami?"

Mina:"Bengingazi uyakhumbula ngithe ngiyalala bengicabanga ukuthi uzohamba ungishiye ngiphumule. Ngiyaxolisa mntanamama."

Angazi nokuthi ngithini

Gabi:"Ubuphuphani bhuti?"

Makangibiza ngobhuti ngixole ngidonse umoya ngizihlekise nje naye ahleke.

Mina:"Ngeke ngikutshele leyonto ngimdala nakuwe phela."

Amoyizele kuvele lezifaca zakhe

Gabi:"Yimbi lento oyenzile kodwa bhuti ngiyakuxoxela."

Mina:"Nginamahloni awazi usungabona ubhuti wakho omdala akulesimo."

Ashalazele

Gabi:"Ungithusile bhuti."

Mina:"Ngiyazi mangabe uyangixolela ngempela   ngifakele amanzi ebhavini ngizogeza ngiyabuya."

Aye endlini encane ngiphume nami mangindlula egumbini labobaba ngizwe igama likaGabsile ngime ngilalele.

Zodwa:"Mina angiyivumi leyonto, masolale naye bese awusangizwa mina phela usemncane uGabsile konke kuye kusasendaweni yakhe."

Baba:"Mawungafuni ngilale naye kuncono uhambe la ekhaya. Senza lento ngoba sifuna ingcebo iduzane manje nkosikazi ngicela ungidedele kanye noma kabili nje."

Zodwa:"Uyazizwa nje uthini kimi."

Baba:"Nkosikazi bengingafuni kukutshela lokhu kodwa uMadlokovu wanginika okuthile ngakuphuza. Wangitshela ukuthi masekuyisikhathi sokulala naye kuzozenzakalela emizweni yami. Sonke simuzwile uSambulo makazibusisa ngaye eskhaleni sengiyamuhalela. Wathi mina mangihlangana naye ingcebo iyophindaphindeka."

Ubaba kanti sekayahlanya ngempela ayikho nalento ayishoyo unamanga nje.

Zodwa:"Ngicela ungamuthinti ngisacabanga kuqala."

Ngingabe ngisaqhubeka ngibuyele egumbini lami. Ngeke kwenzeke lokho kumele ngithole indawo ngokushesha futhi ngoba sekamuhalele ngeke asavuma ngithuthe noGabsile. Mangibheka iskhathi ihora lokuqala, ubani ongangisiza ngendawo yokuhlala ngokushesha ngoba ngeke ngiyithole manje namanje, noma ngingathola indawo yokurenta. Angigeze ngihambe ngikhumule umbhede sekawulungisile akekho la noma sekaphindele egumbini lakhe. Ngqonde endlini encane ngigwinye amathe ngicishe ngiwa kanti uGabsile uhloseni. Ungene kushower amanzi uwafakile ebhavini, lengane ngoba inalo ibhavu egumbini lakhe mangiphuma uzobona ngathi sengimubuka ngelinye iso. Ngeke ngikhone nokugeza ngoba ngilimele kuyimanje uzongibona ngiphume. Angimemeze ngenze ngathi angimuzwa ucingo lwakhe luyakhala ilesoka lakhe kubhalwe love, ngingalubambi. Masengizwa avala amanzi ngibuyele ngingamubheki ngigeze amazinyo.

Gabsile:"Bhuti uye wakhuluma indaba yokuthutha ubuqinsile vele."

Mina:"Zisule uphume Gabsile ngifuna ukugeza."

Gabi:"Hawu sengenzeni."

Mina:"Lutho ngifuna kobheka okuthile eshisa nyama."

Aphume ngokushesha lomntwana ufuna kungifaka enkingeni. Ngigeze mangiqeda ngigqoke kunento engiyicabangayo kepha ngidinga uNokubonga noma angangithandisisi kulamalanga. Ushiye ucingo lwakhe la kungene umlayezo ngisalubheka.

Mdu:*Ufuna kungitshela kuthi nilele nobhuti wakho futhi ngoba ungaphenduli ucingo lwami kgaaa😡.*

Ngilujike embhedeni nami ngilushiye kumele ngimulandelelele lomfana ngiyathemba akamushayi uGabsile. Nalethathu yakhe engayibona kancane angikholwa kuthi umzalwane lo. Ngiphume ngiye ngasekhishini ngicishe ngime inhliziyo. Sekagqokile naye ilokwe lejini elifushane namateki amhlophe ngawathenga akhala inyembezi lamateki angikhohlwa, izinwele zakhe uziyekile zalenga zinde akafakanga lomsila wamahhashi namuhla. Uhlezi phezu kwababa uyamukitaza. Kubi la

Mina:"Baba uphi uma?"

Baba:"Ulele ngale egumbini."

Mina:" Ukahle?"

Baba:"Ukhale ngekhanda."

Mina:"Sengiqedile Gabsile asambe ngisayobheka umama kuqala hamba uyobheka umaNdlovu ukufunelani kuqala."

Asukume kubaba ngizwa ngibilelwa intukuthelo ububi obunjena kodwa. Ngihambe ngiye egumbini labo. Akalelanga uhlezi phezu kombhede ngiyamubona kukhulu akucabangayo. Uzwa ubuhlungu manje kanti kwakumnandi ahlukanisa abazali bami ngomuthi. Ngingene aphakamise amehlo azimoyizelise ngihlale celeni kwakhe. UZodwa ngalenhliziyo embi akasabonakali nobuhle.

Mina:"Ubaba uthi awuphathekanga kahle."

Zodwa:"Ngikahle ndodana."

Mina:"Mama kunento engifuna ukuyenza ngicela izibusiso zakho."

Zodwa:"Khuluma ngimamele."

Mina:"Uyazi angithi uGabsile unesoka manje?"

Zodwa:"Ngiyazi."

Mina:"Ubaba ngiyamubona sekafuna ukulala noGabsile akukho kahle."

Zodwa:"Unesikhwele?"

Mina:"Cha ubaba mhlawumbe sekaphethwe imizwa mangikhumbula kahle uMadlokovu wathi amadodana okumele aqale ngoGabsile so ubaba akakwazi ukungena phakathi kwethu."

Ngisho ngikhuluma into engekho nginamanga nje.

Zodwa:"Usho ukuthi kumele kube yinina kuqala bese kugcinela ubabakho?"

Mina:"Eya."

Zodwa:"Ndodana ubufuna ngikwenzeleni?"

Mina:"Ngifuna ukususa uGabsile la emehlweni ababa ngoba ngeke amuyeke."

Zodwa:"Ndodana awazi ngijabula njani ukuzwa lokho ucabangela umfowenu noma angekho. Sizomuyisa kuphi uGabsile?"

Mina:"KaNokubonga ubaba akayi lapho."

Zodwa:"Hamba uyopaka izimpahla zakhe namuhla angalali la."

Mina:"Okunye isoka lakhe ngifuna siye esibhedlela wena ukhulume nalo ukuthi uGabsile uhanjiswe ubaba kuyokwenza usiko emakhaya uzohamba inyanga yonke."

Zodwa:"Asimuyeke lomfana ndodana unguzero nje ezinkingeni zami."

Mina:"Angimthembi indlela abathandana ngayo uzomufuna aze amthole noma yena uGabsile uzomushayela amazise ukuthi ukuphi. Lomfana makangalala noGabsile kuphelile ma. Bengifunda uwhatsapp wakhe izinto ababhalelana zona. Kuyabonakala ngimuphazamisile ngokuthi ngimufake esibhedlela."

Asukume athathe isikhwama sakhe

Zodwa:"Asambe ndodana ngiwafuna wonke lamandla."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Zodwa🌼

Masiphuma egumbini uMkhululi uzibambe phambili ufuthekile ungaka ume emva kwaGabsile. Nxx lekhehla alisangithinti mina lifuna lengane. USambulo bengicabanga ukuthi sekafuna kusijikela nangu eza necebo elihle. Makasibona athuke

Mina:"Gabi buya sambe."

Mkhululi:"Kuyiwaphi?"

Mina:"Siyabuya manje."

Siphume uSambulo ukhuluma nomaNdlovu la ngaphandle angazi umuthethisa wenzeni ngoba ukhuluma ngezandla. Abuyele endlini singene emotweni ashayele uSambulo. Lendodana kaNeli indoda namuhla ungenze ngamubuka ngelinye iso. Lamandla unawo unesithunzi futhi. Masekawamunce wonke lamandla kuGabsile mina ngizolala naye ngiwathathe wonke kuye. Komele ngiye kuMadlokovu azongisiza angiphe okuthile ngokushesha.

Mina:"Gabi."

Gabi:"Ma."

Mina:"Siyobona isoka lakho esibhedlela."

Athuke abheke uSambulo avume ngekhanda naye.

Mina:"Ungathuki uSambulo wenze sabona ukuthi lento esiyenzayo ayikho kahle yena uyoxolisa ngokumushaya."

Gabi:"Hawu ma ngiyabonga uzomthanda nawe uzombona."

Mina:"Akukabi isikhathi sokungena nje."

Sambulo:"Sizongena thina."

Ngempela singene apake imoto yakhe nami sengizithola ngibhekisisa uSambulo umzimba wakhe konke nje ebengingakunakile. Ngenziwa  ukuthi leslima soyise wakhe asisangithinti. Singene phakathi sihamba phambili sinoGabsile yena uhamba emva. Singene siphambane nelinye inesi lizilungisa kahle lihamba libheke phansi. Makasibona athuke azimbese ngokushesha akagqokanga lutho phezulu. Labafana bamanje bayakhula maaan

Gabi:"Sawbona."

Mdu:"Unjani?"

Gabi:"Ngiyaphila."

Makungena uSambulo ahlale kahle uyamubona nje kuthi uyathuka. Afake isandla esisodwa esikhwameni uSambulo babhekane.

Mina:"Mduduzi uSambulo kukhona afuna kukusho kuwe."

Sambulo:"Ngiyaxolisa ngokukushaya ndoda bekungamelanga."

Mdu:"Ayikho inkinga bhuti."

Mina:"Mawuphuma la esibhedlela ngizothanda kukumema uzodla nathi isidlo. uGabsile sekakhulile ubaba wakhe ufuna kukubona ngaphambi kokuthi anikhulule."

Amoyizele abheke uGabsile swine.

Mdu:"Ngiyabonga ma."

Mina:"Lalela uGabsile uyahamba nobaba wakhe baya emakhaya sekaqedile eskolweni sekaneziqu zakhe nawe uyazi njengomuntu omnyama kuthi uyokwenzani."

Sekaphefumulela phezulu uGabsile ngoba akayazi leyo makathi ubheka uSambulo afice amubheke ngelinye iso athule.

Mdu:"Niyomenzela ukubonga?"

Mina:"Awubonike mfanami wena ngathi ngizokuthanda. Kumele asheshe ahambe bazokwazi kumulungisa bogogo le bese masowenziwa umcimbi nawe uzobe ukhona."

Sambula:"Uzohamba isikhathi esingakanani ma?"

Mina:"Inyanga eyodwa noma ezimbili sizozwa ngezalukazi masekaready kulento abazomuqeqeshela yona."

Kukhale ucingo lukaSambulo aphume ayokhuluma ngaphandle aphinde abuye.

Sambulo:"Ma kukhona okuncane okumele ngiyokulungisa eshisanyama. Ngizongilanda noma sambeni manje."

Mina:"Isikhathi esingakanani?"

Sambulo:"Angazi."

Mina:"Kuncono uhambise thina kuqala."

Sambulo:"Gabi ufuna kuhamba noma sibuye sikulande?"

Gabi:"Ngicela ukusala mangabe ngeke bangikhiphe."

Sambulo:"Ngizobatshela khululeka ngizokulanda late noma ubaba uzokulanda nisale kahle."

Siphume sengididekile manje langaphandle.

Mina:"Manje masesibashiya bodwa kanti icebo lakho elani?"

Sambulo:"Ngeke balale ma khululeka."

Singene emotweni uyashesha manje sisheshe sifike angene aqonde egumbini lakhe. Aphinde aphume futhi angisamunakanga wenzani alokhu aphuma angena. Ngizwe ngemoto seyiphuma futhi...........

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Gabsile🌼

UMduduzi ubukeka angajabulanga kudala afuna ngimazise emndenini manje sebayamazi nobhuti sekaxolisile ungenye indlela.

Mina:"Ukahle?"

Mdu:"Inyanga yonke Gabi."

Mina:"Mangibuya kodwa sizobandawonye.

Nami angiyazi le yokuya emakhaya ngisabile nje kuyibuza mangibona iso likabhuti. Namanje ngiyathuka ngalento eyenzeke phakathi kwami nobhuti. Okungithusa kakhulu ukuyifisa futhi uMduduzi sihlala siqabulana naye size sicishe silale kepha akukaze kube njengekwabhuti. Uqinsile uMdu kumele ngingasalali embhedeni owodwa naye.

Mdu:"Gabi ucabangani."

Mina:"Ngiyaxolisa ngicabanga indaba yokuya ka anti angiyithandi leyandawo."

Ngisho ngihubhuza aluhlaza amanga.

Mdu:"Komele wenze konke abakushoyo uzoshesha ukubuya."

Kungene inesi limoyizele linamabele amakhulu lomfanekiso walo cha muncane amakinobho amabili awafaswanga ayavela amabele kuze kubonakala ubra kancane.

Nesi:"Ngiyaxolisa sisiza akusiso isikhathi sezivakashi angithi uyazi, kumele aqalele ngokujinyiswa kwakhe ungakhona kumulinda ngaphandle noma uhambe uzobuya ngesikhathi sezivakashi."

Mina:"Ngizophumake kancane."

Nesi:"Hhayi kancane tana isoka lakho leli linenkani if you know what I mean kungaphela nehora."

Mina:"Ngizoya ngale ezitoloke ngiyofuna kokudla ngizobuya emva kwesikhathi."

UMdu sekashintshile nje naye amehlo abomvu.

Mdu:"Unesiqiniseko sthandwa sami singajima nantambama akunankinga."

Abheke lenesi

Nesi:"No darling kumele ujime kabili ngosuku mawufuna ukululama ngokushesha."

Mina:"Inkinga ayikho ngizohamba ngizokubona ngehora lesithathu."

Mangithi ngiyaphuma

Mdu:"Kahle sthandwa sami letha uswidi wami."

Ngisondele angibuke lonesi ngigobe ngimuqabule yena angiqabule kakhulu bese uyangiyeka angihlebele.

Mdu:"Mangiphuma la esibhedlela ngizosivula isibaya sikaButhelezi."

Mina:"Unesiqiniseko."

Mdu:"Kakhulu."

Ngiphume ngikhuthuze ucingo lwami ahhhhhh ngilukhohliwe. Ngikhiphe uhlweza esikhwameni sami ngisebenzise locingo olufakwa imali obondeni ngishayele ubhuti

Mina:"Bhuti ukuphi?"

Sambulo:"Ngisesangweni lasesibhedlela ngiyangena."

Mina:"Kwancono ngizokumela."

Kungapheli nemizuzu emihlanu aqhamuke angazi noma sekuyinjwayelo lokuhaga ubhuti mangimubona.

Sambulo:"Ngikucelele nje sebakukhiphile?"

Mina:"Basamuhlola uMdu bathe kuzothatha isikhathi."

Sambulo:"Bamuhlolani ngoba sekakahle."

Mina:"Angithi bayamujimisa."

Anikine ikhanda ashintshe nje ebusweni anginike ukhiye wemoto.

Sambulo:"Hamba uye emotweni ngiyeza."

Ngihambe mangifika emotweni ngimangazwe izicathulo zikabhuti ngemuva ngivule nasebhuthini nazi izikhwama kukhona nezami. Ngisivule esisodwa esami kunezimpahla zami. Aqhamuke ngisabheka lezinto angibheke ubukeka akwatile kepha amehlo ethu mawahlangana ahlambuluke.

Mina:"Kwenzakalani bhuti izimpahla zami."

Sambulo:"Ngena emotweni sihambe."

Ngingene nami akanambitheki la endleleni sengisaba nokubuza kuthi kwenzenjani ngezimpahla zami. Nginake masesingena phakathi kwemigwaqo kuthi siya kasisNokubonga.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

USambulo uthukuthele wagana unwabo makangena ewodini likaMduduzi. Wamufica bangekho kulewodi makavula endlini encane ekulewodi phakathi akadinganga nokuthi angene abone uzuzwele ngezindlebe zakhe. Ukhathazwa nayilethathu anayo emhlane yenyoka imamba. Kukhona iqembu elaliyingozi kakhulu bazibiza ngezimamba kepha bona imidwebo yabo yayisesiphangeni hhayi emhlane. Mabafika kasisi wakhe babingelele uhlezi nomyeni wakhe uNkosinathi.

Nathi:"Hawu abasemzini sbari savakashelwa nguwe namuhla?"

Sambulo:"Angihlelanga sbari sami ngifuna kuzokhala la kusesi wami, ngicela ungiboleke yena isikhashana nje."

Asukume uNokubonga ahage uGabi eze kimi udidekile. Khani ngimunaka manje uNokubonga kuthi ufana kakhulu nomamkhulu lobuhle. Kaze uzothini mzukwana ezwa iqiniso. Sihambe siye egumbini lezivakashi uGabsile asale noNkosnathi. Angifuni noma ngazi ngeke amenze lutho kodwa angifuni. Sihlale phezu kombhede ngidonse umoya.

Nokubonga:"Uyazi angikwazi ukubekezela khuluma."

Sambulo:"Ngicela ifavour Noku."

Nokubonga:"Kwenzenjani khuluma."

Sambulo:"Ngifuna ukuphuma kulododi wasekhaya wokuganga ngoGabsile. Ngiyamubalekisa ngoba nobaba sekafuna ukulala naye."

Athuke uNokubonga

Nokubonga:"UMkhululi noZodwa bangamadimoni yazi, wena uncono ngani kubo ngoba nawe ufuna ukulala naye."

Sambulo:"Hleze awazi namuhla ngizokutshela ngiyamthanda uGabsile sisi ngempela."

Nokubonga:"Uthando lolu lwami noNkosnathi?"

Sambulo:"Yebo."

Nokubonga:"Ngake ngakusola kodwa sobabili siyazi ukuthi unesoka alithandayo angithi."

Amuxoxele konke ngesoka likaGabsile

Sambulo:"Ngifuna ukuhamba noGabsile iskhashana sibe kude izimpahla zonke ngizipakile masisuka la siya esikhumulweni sezindiza. Ngifuna komutshela konke sikude la angazi khona."

Nokubonga:"Ungadlwenguli ingane yabantu le emazweni bhuti."

Sambulo:"Uyazi nawe ukube bengifuna kukwenza lokho kube kade ngakwenza. Uhlala angilandela uGabsile nayzolo ulale egumbini lami."

Nokubonga:"Uyakuthanda uGabsile yazi ukuthi yena ucabanga ukuthi uthando lukabhuti lolu analo. Manje mina ufuna ngenzeni?"

Sambulo:"KuZodwa ngithe ngizomucashisa la kuwe. Makakhushayela ucingo nje ula uGabsile."

Nokubonga:"Ngeke eze vele la inini indiza yenu?"

Sambulo:"Ngo7."

Nokubonga:"Sisekhona isikhathi ithi nginenzele ukudla."

Sambulo:"Ngathi uyazi angikadli."

Nokubonga:"UZodwa kube awumukhombisanga lesoka laGabsile ngoba uzogcina asebenzisa lona."

Sambulo:"Bengifuna nalo lingalokhu lishayela uGabsile. Kukahle malazi ukuthi usemakhaya ngeke anake. Futhi nokuthi utshelwe umuntu omdala uyikholiwe."

Asukume uNokubonga ashaye izandla.

Nokubonga:"Yoooo yaze yagijinyiswa imomozi yengane, manje mangabe sekalalile naloMduduzi?"

Sambulo:"Anginandaba mina namandla ngizifunela uGabi nje. Ithi ngilande lezi ezinye izimpahla sizozishiya la ngithe umaNdlovu apake konke ngoba ngiyazi bazothatha okusele okwethu makumukuse kuloMadlokovu."

Baphume balandelana uGabsile ubukele umabonakude nomyeni kaNokubonga bayahleka. Abaphakele badle makushaya ihora lesithupha bavalelise abahage bobabili ngesikhathi esisodwa.

Nokubonga:"Ngiyanithanda ningisendele izithombe."

Bangene emotweni ashayele

Gabi:"Bhuti bengisaba kukucela kuthi sibuyele esibhedlela ngenkathi sikaNokubonga ngiyacabanga ukhathazekile uMdu la akhona nocingo lwami ngilukhohliwe kungenzeka uyangishayela."

Amubheke uSambulo avule isandla sakhe noGabsile amubambe. Angamuphenduli babambane ngezandla nje athuke kancane mabafika esikhumulweni sezindiza ukuthi uzasuke akhale angavumi kugibela. Bapake imoto ehlise izikhwama baziphushe naye aphushe esinye.

Gabsile:"Bhuti kanti siyaphi, mina izinto zami azilungiswanga kuthi ngigibele indiza."

Sambulo:"Ngizokutshela konke masifika la esiya khona. Ungakhathazeki konke ngikulungisile, umaNdlovu wakupakela

Gabi:"Siya la emzansi?"

Sambulo:"Iya baby girl kepha mawufuna siqhubekele kwenye indawo sizoya, ivisa yakho ikahle ngenze konke."

UGabsile udidekile kepha ujabulile futhi ake ayobona enye indawo. Bagibele endizeni uthakasile nje ngisho uSambulo uyamubona.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T 🌼

Insert7 🌼

Mabafika la baya khona uGabsile injabulo iphuphuma phezulu uSambulo yena uye wabanjwa isithongwane kepha uGabsile lutho. Behle badonse izikhwama zabo ashayele omunye uSambulo, athi sekakhona ubalindile. Mabaqhamuka vele nangu umngani wakhe. Bahagane babingelelane.

Sambulo:"Kabelo nja yami."

Kabelo:"Ahhh my man long time kunjani bro?"

Sambula:"Ngitops bro asivaye."

UKabelo abheke uGabsile

Sambulo:"No bro ayifuni wena shiya."

Kabelo:"Ngiphosa iso nje kuhambani vele."

Sambula:"Ngifuna ukwakha idladla bro kodwa ngisagubha kunzima."

Kabelo:"Sho njayami arvaye ."

Bafake izikhwama zabo ebhuthini bangene emotweni uhamba nenkosikazi yakhe bayibingelele

Kabelo:"Love umngani wami lo besisonke le kwandawo ndawo uhamba nesithandwa sakhe uGabsile, bro umama sekhaya lo uThabile."

Sambulo:" Ngijabulela ukukwazi Bathabile."

Thabile:"Angilizwanga igama lakho kepha nami ngijabulela kunazi nawe Gabsile."

Amoyizele nje uGabi angasho lutho uphazanyiswe ukuthi bamubize ngesthandwa sikabhuti wakhe.

Kabelo:"Nizobakhona amalanga amangakhi bro ngifuna uyobona uKhans hlala aringa ngawe."

Sambulo:"Hayibo Khans usaphila?"

Kabelo:"Inja leya ihhuvhhuv ngeke aphinde afe."

Sambulo abheke uGabsile naye amubheke angasho lutho.

Thabile:"Ngiyazi ujabulele umngani wakho love muyeke namuhla baphumule."

Sambulo:"Akunasmoko sister ngizokutshela kuthi sihamba nini."

Kabelo:”Sho bro sesifikile ehhotela lenu, ndoda kusho ukuthi uyikha ngamahalavu inyuku mawuzobhukha ihhotela elinje kuyabiza phela la.”

Sambulo:”Suka la ngiyabonga ndoda.”

Behle bathathe izikhwama zabo uGabsile sekakhathele vele bafike kumabhalane abanike imininingwane yakhe bachofoze ikhompuyutha akhiphe ukhiye abanike. Eme uSambulo angahambi

Mabhalane:”Kusekhona okunye mnumzane?”

Sambulo:”Ngibhukhe amagumbi amabili sisi.”

Mabhalane:”Ithi ngibhekisise.”

Abheke abize nomunye amubhekele.

Mabhalane:”Ngiyaxolisa mnumzane kodwa igumbi elinye olibhukhile sesifake omunye ngephutha uzolinda kancane ngoba kuzobakhona abaphumayo.”

Sambulo:”Awekho kanti amanye amagumbi?”

Mabhalane:”Ngenxa yalomdlalo webhola oseduzane babhukhe baningi abantu, futhi lehhotela balithandela kuthi liduzane.”

Sambulo:”,Akusiyo inkinga yami leyo mina ngibhukhile ngathenjiswa igumbi.”

UGabsile ukhathele akasakhoni nje.

Gabi:”Akunankinga bhuti asambe sizolithatha sisi.”

Mabhalane:”Ngiyabonga sisi mnumzane siyaxolisa.”

Babasize ngezikhwama bayongena egumbini labo athalaze uGabsile ayolunguza efasteleni.

Sambulo:”Yalithanda?”

Gabsile:”Sizokwenzani la bhuti?”

Sambulo:”Ngifuna kukhuluma nawe.”

Gabsile:”Lokho nje?”

Sambulo:”Sofuna ngiqambe amanga manje lokho nokuningi.”

Gabi:”Ngifuna ukwazi lokho okuningi.”

Sambulo:”Ikapa leli baby girl ngeke siswele esizokwenza ngisayogeza.”

Gabi:”Mina ngilambile.”

Sambulo:”Asigeze kuqala sizodlela la ngizofaka i order.”

Gabi:”Ahhh kuzofika nini ngilambe manje.”

Sambulo:”Uyatefa Gabsile iskhashana nje ngeke kuphele nehora.”

Ahleke

Gabi:"Nguwe owangimosha bhuti ehhh mina angiyazi indlala uyakhumbula ngenkathi bateleka ekolishi basivalele bangafuni siye emakhaya?"

Sambulo:"Ngingakhohlwa njani."

Gabi:"Ngalelolanga bhuti ngabona ukuthi ngeke ungiyekelele indlela owalwa ngayo wangena bangafuni."

Sambulo:"Nguwe owangisanganisa ikhanda ngokungifonela ukhala."

Gabi:"Ngangithukile ngibona ngathi bazosishisela khona ngoba kwasekuvutha amathaya ngapha nangapha."

Sambulo:"Nami ngathuka mangivela ngibona umlilo."

Gabi:"Masengisebenza bhuti wami akukho ozokuswela noma ikhanda lami linokuqina nje kepha ngiyalubona uthando lwakho."

Asondele naye beme efasteleni babukele abantu bahamba nezimoto

Sambulo:"Uthando  ulubona njani phela nami ngifuna ukubona kuthi uyangithanda noma qha."

Amubheke uGabsile amubone angenye indlela ubhuti wakhe emehlweni naye uzizwa ngenye indlela imenza abenamahloni, selokhu baqabulene.

Sambulo:"Ngisayogeza."

Gabi:"Ngisathatha izinto zokugeza sizogeza sonke."

Sambulo:"Cha hhayi namuhla ungayogeza kuqala mawujahile."

Gabi:"Hawu bhuti sihlala senza konke ndawonye nje."

Sambulo:"Sizokhuluma masiqeda ukudla hamba uyogeza."

Amubheke ahlale phansi avule umabonakude

Gabi:"Ngizogeza mawuqeda angifuni kukunukela."

Azihlekele uSambulo ayogeza uthukile kakhulu uyamazi uGabsile  noma ashesha ukuxola kepha makakwata akakwazi kuzibamba. Makaqeda afake amanye amanzi ebhavini bese uyaphuma sekazumekile khona kulosofa. Akafuni kuchitha isikhathi ufuna kumutshela namhlanje athukuthelele emehlweni akhe. Amuvuse kuthi akayogeza makafulathela amubheke uSambulo asale seka oda ukudla okulingene agcobise naye agqoke aphole angafaki nazicathulo. Aphume noGabsile sekaqedile awise ithawula phansi afulathele uSambulo azibukele umabonakude.

Gabi:"Ngingaligqoka keli?"

Sambulo:"Gqoka okuthandayo baby girl ngeke ngikukhuze."

Gabi:"Hayibo ngathi kukhona umuntu owamukelayo ukuthi sengikhulile manje."

Makaqeda nje kufike ukudla asukume uSambulo afuna kumenzela kahle kukhale ucingo lwakhe aligxavule uGabsile.

Gabi:”Sambulos phone hellow.”

“Gabi uKabelo tshela le outi yakho  kuthi uKhans unomcimbi omncane uyamubiza kusasa.”

Gabi:”Nangu.”

Kabelo:”Hayi angifuni kumosha izindlebe zami ngokulalela iphimbo lakhe elisabekayo phela sengizwe elakho. Umtshele ngehora lesikhombisa ngizonilanda.”

Ahleke uGabsile atshele uSambulo ukuthi uthini naye ahleke

Gabi:”UKabelo uthe ungumngani wakhe walendawo ndawo ikuphi lapho?”

Sambulo:”Asidle awufuni nokwazi lapho.”

Gabi:”Kungani ungamcaciselanga kuthi ngingusesi wakho ngoba yena uthe ngiyisithandwa sakho.”

Sambulo:”Awusiso kanti isithandwa sami?”

Badle angadli  nakakhulu uuSambulo abukele uGabsile adla aze aqede asukume ayobeka izitsha bazigoqe esofeni. Balokhu baxoxa,izinto ezingabalulekanga bahleka. Ngesikade uSambulo ahambise isandla sakhe ebusweni baGabsile.

Sanbulo:”Ngiyakuthanda uyezwa.”

Gabsile:”Nami ngiyakuthanda bhuti.”

Sambulo:”Ukube bengingasiye ubhuti wakho ubuzovuma kushada nami.”

Gabsile:”Bhuti ngicabanga nokuthi bengizokushela mawunganginaki.”

Ahleke uSambulo

Sambulo:”Ngobani.”

Gabi:”Hamba uyozibuka esibukweni uzobona, ngithanda nobuwena komele masoshada uyichazele inkosikazi yakho ukuthi unosesi ogeza naye ulale naye futhi. Angikholwa ngizokhona ukwamukela futhi masonika omunye le attention onginika yona.”

Amubheke makalokhu akhuluma.

Sambulo:”Sondela la ngikuxoxele ingwanekwane.”

Asondele abeke izinyawo zakhe phezu kukaSambulo, alokhu eziphulula uSambulo.

Sambulo:”Gabi yazi kunomunye umndeni abazali bakhona babusiseka ngezingane ezintathu abafana ababili nentombazane eyodwa. Ngelinye ilanga kwafika omunye umama izulu linetha azocela umsebenzi nendawo yokulala lomama wayebelethe ingane yentombazane emhlane. Ubaba wakhona wamuzwela lomama bamungenisa kanti lomama ubalekela enye indoda enamandla amangalisayo yayifuna ukumbulala kanye nengane yakhe.  Wavuma lomndeni ukuthi bazobahlalisa lomama uzosebenza endlini khona ingane bazoyikhulisa njengeyabo. Bahlala kanjalo baze bezwa indaba ngalengane yentombazane

eyabenza baba nomhobholo. Ingane le kwatholakala ukuthi ingane enamandla ifuze uyise ingakhona ukwenza konke okuyizimangaliso. Bayithatha lengane bayimukisa enyangeni lenyanga yathi amandla akhona kunye nengcebo ukuze bakuthole konke kubekomndeni kumele amadodana lawa enze ucansi nalengane. Wabayenzisa umhlatshelo nje kuthi babenengcebo kepha izokhula abesilisa bakulomndeni sebalalile naye. Yahamba iminyaka amadodana akhona wathi mawaqala kungena ebunsizweni babamukisa kulenyanga futhi kuthi bayofunga kulala nalengane yezimanga. Wayengafuni lamadodana babaphoqa babathembisa lokhu nalokhuya. Bazenzake lezo zifungo omunye wachamela entweni bahlanganisa imichamo yabo ngomuthi. Masewahlakaniphile lamadodana akhona enye yase ifuna kudlwengula lengane yezimanga. Njalo amubambe ubhuti wakhe bashayane. Intombazane nayo iyakhula yinhle manje lomfana omunye akasakhoni nje ukuzibamba. Le enye indodana yanquma ukuthi iyohlala imuvikela kuko konke. Bekasanamashishini wakhe naye angasahlali kakhulu ekhaya kepha asabela kuthi uzomungenela lomanyonyoba. Wakubeka emahlombe akhe kuthi amuvikele wamuqhashela nabantu abazomgada makangekho. Njalo bekuthi makufika lendodana efuna kumdlwengula bamushayele labantu abagadile kepha baqaphe ngeso lokhozi.”

Gabi:”Yooo lobhuti omdala bekangasanayo impilo moso sekahlala agadane nengane yezimanga.”

Sambulo:”Naye wayesemthanda kepha angazimiselanga ukumuhlwitha amandla wakhe, uthe makakhathala lobhuti omdala elokhu egijima eze ekhaya makufika lomdlwenguli wamucabangela angamuchelisa ngakho. Wathatha ingane yezimanga wayifaka esikoleni esikude bekamuyisa ekuseni aphinde amulande. Kwathi ukubancono kancane kepha lamuvuka idimoni lakhe manje. Sekamnyonyobela nasebsuku wonke umuntu ekhona njalo amubambe lo wase uthatha isinqumo sokuthi kuncono balale bonke. Ngelinye ilanga wezwa akhuluma nomawakhe kuthi yena sekafuna kulala nalengane kepha ubhuti uyanqaba uhlala ayigadile umawabo wavuma kuthi ayidlwengule. Kwathi azihambela nje ubhuti omdala wabona abantu babulala umuntu ngokushesha wathatha ucingo washayela lobhuti wakhe kuthi abadibane ndawana thile bazokhuluma ngokulala nalengane kanti uqamba amanga.”

Gabi:”Kulendawo la kubulewe khona umuntu?”

Sambulo:”,Yebo ayy weza umanyonyoba lapho ubhuti lo omdala wacasha kuthi angamuboni wayesefonele namaphoyisa. Wathi afika nje lapho wazitshela ukuthi akakafi mhlawumbe wagijimela kuye wamukhipha lommese ayegwazwe ngawo amaphoyisa amufica asawubambile waboshwa kanjaloke.”

Gabi:”Ngiyacabanga waphumula ubhuti omdala emva kwalokho, umawakhe yena wayeyivumelani yonke lento enganeni yakhe.”

Sambulo:”Khumbula phela bamsiza abalekela uyise walengane afuna kubabulala bamuthembisa ukutshela uyise walengane ukuthi ucashephi yena abesabela impilo yengane yakhe futhi abefisa ukuthi lamandla kube akanawo.”

Gabi:”Baphelelaphi manje kungabancono mangabe wazishadela nalobhuti omdala bayohlala ekudeni basuke kulesiphithiphithi.”

Sambulo:”Azange kubelula ngoba manje sekajikelwa ubaba womuzi ubhuti lomdala sekumele amuvikele kulobaba.”

Ahlahle amehlo uGabi

Gabi:"Naye lobaba sekafuna kulala naye?"

Sambulo:"Yebo."

Asukume uSambulo inhliziyo yakhe seyiyaguduza esifubeni uvalo luyamushaya kona uchazekile makathi kube uzishadela nalobhuti omdala. Aye kwifridge akhiphe ubhiya awuvule awuphuze wonke alokhu aphumula kancane, makaqeda athathe elinye ibhodlela ayohlala phansi.

Gabi:"Ngicela kuyizwa bhuti kancane."

Sambulo:"Soqala ukubhedake manje."

Gabi:"Bhuti uyakhumbula wathi ngifunde ngiqede wena uzongivumela ngiphuze uma nje nginawe abusheke letha."

Ahleke uSambulo

Sambulo:"Hayi ubhiya kodwa."

Gabi:"Ok qhubeka intombazane yezimanga."

Abuyisele unyawo lwakhe ku bhuti wakhe ucingo lwakhe lulokhu luyakhala akafuni kumunika uSambulo ulifake kusilent uMduduzi omushayelayo ugcine sekaluvala walihlukanisa.

Sambulo:"Awungitshele wena ubungenzanjani kube uyilengane, ngifuna ukubona kuthi ingqondo yakho icabanga kufika kuphi."

Gabi:"Uthe lobhuti mbumbulu umthanda ngokweqiniso angithi bengizoshada naloyobhuti ngiyacabanga naye uzofunda kumuthanda. Kuzobalula futhi uma bebehlala bendawonye njengami nawe."

Sambulo:"Ungangishada mina?"

Gabi:"Hayibo ngithi ngikwenzelani lokho ngoba ungubhuti wami."

Abone uSambulo ukuthi akaboni lutho nje kuthi ukhuluma ngabo. Abeke ubhiya wakhe phasi asuse lezinyawo zakhe phezu kwakhe amudonse. UGabsile akakaze ale uSambulo makamuhaga nje akukaze kufike kuye kuthi amucabangele okubi. Amusondeze amuhlalise phezu kwakhe amubhekise eceleni amubambe ngoba uyamazi makathukuthela uyabaleka.

Sambulo:"Gabi nguwena lengane yezimanga."

Amubheke ebusweni abone kuthi ngempela akahlek userious aqale aphefumulele phezulu sekahlanganisa lendaba nempilo yakhe. Uyakhumbula wayenokuphaphama afice bobhuti bakhe bobabili balwa, kusho ukuthi uBonga abesuke emnyonyobela. Hayibo namuhla nje ekuseni ubaba wakhe umuhagile wamuzwa ngathi uyasizwa isitho sakhe kepha walibala azitshela ukuthi ngeke ubabakhe avukeliswe ukuhaga ingane yakhe. Manje sekayazwisisa kungani ukwenza kwakhe okuningi kungahlukanga nakumaNdlovu indlela amnakekela ngayo yena. Ubhuti wakhe yena kudala amunakekela usuku lwakhe lokuqala aya ngalo esikhathini kwabalula kuthi atshele ubhuti wakhe. Wamunakekela ekhaliswa isilumo angafuni lutho. Abeke izandla zakhe ebusweni uSambulo akusiye ubhuti wakhe yingakho azizwe ngenye indlela makamuqabula into angazange ayizwa makanoMduduzi. Makathi

uyasukuma amubambe uSambulo azame ukulwa kuthi aphunyuke sekayakhala nokukhala. Amubambe amuqinise amushaye aze akhathale angafuni kumudedela. Uthe asuka wakhala kakhulu wamubeka esifubeni sakhe kuthi akhale azidelise. Wakhala eside isikhathi naye wagcina sekwehla izinyembezi kuye akhala..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

uMduduzi esibhedlela wayesephatheke kabi kuthi kanti sebamuhambisile uGabsile ngokushesha nje yize abenethemba lokuthi uzozidelisa ngaye kuqala angakahambi. Kungene lenesi elihlala liziphosa kuye abefunda bonke isikolo.

Mdu:”Ungangitsheli ukuthi udokotela walile.”

Nesi:”Uthe uzophuma ngoMsombuluko awukalulami kahle.”

Mdu:”Ayy waze wabhora naye mina sengikhumbule umbhede wami.”

Nesi:”Isho kahle ukuthi ukhumbule lonopakisha wakho, kuza kanjani kuthi ungasuthi kuleyanto leya.”

Mdu:”Ungakhulumi ngesithandwa sami ungenza ngivukelwe uzokhokha.”

Nesi:”Khohlwa uzogcina ngokungibuka angithi ungibiza ngonopakisha wakho ohhhh Gabi ohhhh Gabi uloyiwe wena.”

Mdu:”Tsek phuma mawungafuni.”

Achofoze ucingo lwakhe makabona kuthi kukhona abemufonele.

“Sho bhoza.”

Mdu:”Ngikusiza ngani Sizwe?”

Sizwe:”Bhoza ngifanise ivrou esikhumulweni sezindiza.”

Mdu:”Kuphi wena ukuphi?”

Sizwe:”Ngilethe imeshendaysi la eCape Town.”

Mdu:”Ekapa kude kangaka bekungasiye.”

Sizwe:”Ayy bhozza ngiyayicava ivrou yakho ngibone lomupako ngabhekisisa nami.”

Mdu:”Uzonya wena mupako wamasimba cava yiiii ngizoshayela ittacker bangibhekele ifone yakhe mangabe nguye ngizobona kuthi ngishunani.”

Sizwe:”Sho bhozza.”

Aluvale achofoze izinombolo zikaGabsile ingangeni manje ngathi ikhanda alisebenzi abuye aziduduze umawakhe bengeke amuqambele amanga akehlise umoya nje uGabsile usemakhaya azange asabuza ukuthi kuphi emakhaya. Kungene umlayezo ocingweni lwakhe.

#Ngithole isimemo sakaKhans kusasa  ngibophele izimamba bhozza noma?"

Amushayele ngaleso sikhathi

Mdu:"Budayza isimemo sani?"

Budayza:"Ngathi incosi yakhe ibuyile phesheya wamukela yona ubize amajida abhaya nje."

Mdu:"Kudala ngilifuna lekhehla izinja zakhe zihlala zimugadile uneplani?"

Budayza:"Alikho elinye iplani  ngaphandle kokuthi sifike silalise konke ngenhlamvu."

Mdu:"Nizongena kanjani."

Budayza:"Ngimenyiwe mina ngizongena nevrou kuqala ngibheke indlela yokungena bese sengiyaphuma ngilande izimamba."

Mdu:"Kudala ngagcina kuba sempini ngiyazwakala manje eKapa lungisa izimamba zangalapho nami ngizobona ngikhuphuka nobani."

Avale ucingo lwakhe ashintshe lenesi seliphumile athathe izinto zakhe udokotela angene sekathi uyaphuma.

Dr.:"Mr. Biyela uyaphi?"

Mdu:"Ngikutshelile ngiyahamba."

Dr.:"Ngiyabona uzimisele kuzilimaza."

Mdu:"Fuck dr ngithe ngiyahamba."

Aphakamise izandla zakhe udokotela

Dr.:" Kulungile ngicela ungilandele uzosayinda amaphepha kuthi uzikhiphe wena esbhedlela."

Balandelane afike kumabhalane amutshele kuthi amunike maphi amaphepha awaprinte bese uyawasayinda uMdu aphume ashayele umngani wakhe kuthi azomulanda aphinde azame ucingo lukaGabsile lutho. Ashayele esinye isigebengu sakhe esikwazi kuhekha amakhemera, ama account wabantu amafone.

Mdu:"Ngidinga usizo lwakho."

"Always bhozza yami ngani?"

Mdu:"Ungakhona kungena kwisystem yasesikhumulweni sezindiza lapho eKapa?"

"Ufunani khona boss?"

Mdu:"Kukhona engifuna kumubona kuthi ufikile lapho na."

"Usho ikhemera amanzi amancane lawo, ithi ngikubhekele kulula kabi kuhekha ikhemera system."

Mdu:"Sho  ungisendele okwanamuhla."

Ahlale phansi aqhamuke umngani wakhe amuyise endlini yakhe. Makangena abone kuthi isithandwa sakhe sasikhona ngempela la savuka sazithatha nazi izingubo zibheke phezulu. Azithole sekamoyizela yedwa.

Mdu:"Ohh sthandwa  sami ngiyakuthanda kakhulu futhi.m, ngithanda nendlela avele axhumana ngayo nobaba. Ngimane ngiyathuka nje ngeke uGabsile angafunani nje eKapa. Kuncono ngoba nomndeni wakho songamukele."

Kungene umlayezo ocingweni lwakhe awuvule abukele lento asendelwe yona ilomngani wakhe bekakhuluma naye manje wokuhekha. Abukele amubone uGabsile ubambene nalobhuti wakhe ngezandla naba bahamba baphuma esikhumulweni bangene kwenye imoto.

Mdu:"Kukhona okushaya amanzi la kungani bamukhohlise kuthi uya emakhaya, noma uya emakhaya angaseKapa, kodwa kungani kumele ahambe noSambulo."

Athathe lengilazi ephezu kwetafula ayiphosele obondeni…

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

INSERT8🌼

Wakhala uGabsile azange avume kumudedela uSambulo walokhu emubambile waze wathula, kwathuleka nje igumbi lonke kwathi cwaka.

Sambulo:”Gabi.”

Gabi:”Mmm.”

Sambulo:”Ukahle?”

Gabi:”Ngifuna kuyochama.”

Sambulo:”Ngeke ungibalekele?”

Gabi:”Ngizoyaphi mangibaleka ngoba angazi muntu la.”

Sambulo:”Ngicela kukuphelezela.”

Gabi:”Ohk.”

Angamuyeki ahambenaye amubambe ngesandla bangene endlini encane amulinde emnyango awuvale ezwe masekaflasha ageze nezandla. Aphume afice uSambulo amulindile makamubheka kuvele kwehle izinyembezi futhi aqonde embhedeni amulandele uSambulo. Bangene engubeni aqale phansi futhi akhale aziyele esifubeni sikaSambulo manje amuphulule emhlane ezwe sekathulile abone nje kuthi sekalele. Amubheke afise kumuqabula futhi amuyeke azikhuze asuke embhedeni aye kusofa nengutshana abukele umabonakude aze abanjwe isithongwane.

Ekuseni uGabsile avuke kuqala athuke makabona uSambulo angekho celeni kwakhe ehle embhedeni adiyazela amufice kusofa. Alande ingubo amumbese ngoba le azimbese ngayo incane futhi kunomoyana nje. Amubheke ngoba elele.

Gabi:”Ubhuti Sambulo akusiye bhuti wami lomhlaba unjani nje, manje sekuyachaza kungani ngingafani nabo, phela umamZodwa muhle angisayiphathike ekamamkhulu bafana bodwa noNokubonga. Ubhuti Bonga naye sekazophuma ejele ngiphephe kangakanani kulomndeni. Ubhuti akanayo impilo ngenxa yami kwamele ngihambe ngiyofuna ubaba ongizalayo. Ngizoshayela umaNdlovu kuqala angitshele ngeke ngisabuyela kuloyamuzi. Umama waMduduzi wangibiza kuthi ngibavakashele isikhashana ngathi kuzobancono kuya khona.”

Ahambe ayogeza makaqeda uSambulo usalele kumcacele nje ukuthi abengalelanga ubsuku bonke amugadile. Afake oda lokudla avuke uSambulo nentamo ibebuhlungu naye athalaze uGabsile nangu uhlezi embhedeni amangale kuthi sekagezile.

Sambulo:”Sogezile namuhla bengilele ubthongo obunjani.”

Gabi:”Hamba uyogeza uzodla.”

Makafika emnyango wendlu encane kube ngathi uyangabaza

Gabi:”Ngeke ngibaleke bhuti Sambulo ngiyathembisa.”

Angene ageze agijima aphume ngokushesha amufice asazihlezele nje aze anikine ikhanda uGabsile agcobise agqoke.

Sambulo:”Ngifuna kubona u odeni ngiyazi kukhona into enoshukela.”

Angahleki uGabsile azithulele nje ubuke endaweni eyodwa aye kuye uSambulo amubambe izandla.

Sambulo:”Gabi bona lento ngiyazi ibuhlungu kodwa ungenzi kanje ngoba izokulimaza, masibuyela emuva ngizobiza umaNdlovu akutshele ubani ubabakho ngizakufunisa yena uze umthole sizoya kuye futhi umubuze konke odinga ukukwazi.”

Gabi:”Mangabe usafuna kungibulalake?”

Sambulo:”Uzobe unomkhuseli wakho ngeke akulokothe ngingamunyisa nyi.”

Amoyizele uGabsile.

Gabi:”Kunzima inhliziyo yami ibuhlungu.”

Sambulo:”Asenze nje ngoba singapha khulula umoya wakho ukhohlwe yiwo wonke umuntu osele emuva uzijabulise sizothi masibuyela emuva bese siya la esizohlala khona sibize umaNdlovu azokhuluma iqiniso, deal?”

Gabi:”Deal🤝”

Kufike ukudla badle uyamubuka uSambulo

Gabi:”Ungibhekani?”

Sambulo:”Sizohamba siyofuna into yokugqoka namuhla kulomcimbi waKhans noma yini oyifunayo.”

Gabi:”Umcimbi onjani kuqala?”

Sambulo:”Kuzobe kubrayiwa inyama kuphuziwa nje.”

Gabi:"Kumele sithole okucasual?”

Sambulo:”Yebo”

Gabi:"Ngizophuza noma izinglilazi ezintathu zewayini."

Sambulo:"Uhamba nami noma ungaphuza amabhodlela alishumi ngeke ngikwalele."

Gabi:”Ibhlulukwe elifushane ngiyakucela bhuti uthe noma ngabe yini, kukhona lebhulukwe engangilokhu ngilihalela ngalithenga ngiyasaba kuligqoka.”

Sambulo:”Lifisha kangakanani?”

Gabi:”Lifika la.”

Sambulo:"Ithi ngilibone."

Asukume ayolicinga esikhwameni akazi noma lipakiwe alithole makathi uyakhumula phambi kwaSambulo aphinde azikhuze ayogqokela endlini encane abuye kungavumi kuSambulo kodwa angasho lutho lifushane amathanga angaphandle kumukhipha ubuyena njengoba .

Sambulo:"Yazini asambe siyofuna okuzofana nekwami."

Gabi:"Awulithandi?"

Sambulo:"Nginomona please ungathukutheli."

Gabi:"Umona wani ngoba ngeke ngisuke celeni kwakho nje."

Sambulo:"Ligqoke manjeke siye ngale komgwaqo kunezitolo, futhi ngizoshayela uKabelo abuze inkosikazi yakhe kuthi kugqokwa njani."

Gabi:"Mushayele ngifuna kumuzwa."

Bamushayele

Kabelo:"Bro."

Sambulo:"Ndoda bantwana bagqokani la esiya khona?"

Kabelo:"Ahhhh bahlala bahamba nqunu labantu masika Khans angithi kukhona iswimming pool kanye nejakhuzi. Angazi buza ivrou bro."

Thabi:"Sambulo."

USambulo angaphenduli balifake kusipiga abheke uGabsile.

Gabi:"Hi cc."

Gabi:"Hey Unjani Gabi?"

Gabi:"Ngiyaphila, siyaphikisana la ngento yokugqoka ntambama kugqokwani."

Thabile:"USambulo akabophe iphondo kulempandla yakhe zigqokele into yakho encane mawunganawo amahloni, noma ulegging wakho nje. Ungazixaki ngamalokwe ashanela phansi phela masiya kababa siyela kuyodlala ngamanzi nokuziphuzela nje.. Ungaziphathela ubhikini wakho umgqoke ngaphansi."

Gabi:"Ngiyabonga."

Aluvale

Gabi:"Bhuti uzwile fasa iphondo kulempandla asambe ngiyofuna ibhikini."

Sambulo:"Letha ulibhoni ngifaseke lephondo asambe."

Ahambe ayokhumula azigqokele ilokwe elipholile baphume babambane ngezandla bayowela umgwaqo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Afike uMduduzi eKapa ulinde esikhumulweni sezindiza kuthi uBudayza amulande. Ulokhu uyaluzama ucingo lukaGabsile namanje alukavulwa. Intukuthelo iya ngokukhula afike bahambe. La endleleni

Mdu:"Usungibhukhele ngifuna kubangedwa manje.?"

Budayza:"Ngikubhukhele bhozza kwihhotela olithandayo."

Mdu:"Bengicabanga ukuthi ngeke kubeneskhala ngoba kunomdlalo kusasa."

Budayza:"Besingekho vele ngishaye umabhalane wakhona ngelomensi wadedela igumbi uthe kukhona abebhukhe mabili abhekene uzonginika lona."

Mdu:"Uyimamba mfana, sheshake ngoba angilalanga ngifuna kulala kancane."

Ngempela bahambe bafike kulendumezulu yalehhotela alithandayo. Ihhotela leli uSambulo noGabsile abakulo. Namagumbi wabo aqondene bathathe ukhiye bomabhalane sebazimoyizelisa bangaqedi uyaziwa uMduduzi la ngenxa yaleqembu lakhe eliyingozi aliholayo.

Mabhalane:"Ngizoniyisa egumbini lenu."

Abaphelezele abavulele nomnyango bese uyajika.

Mdu:"Budayza nginike amahora ayisikhombisa ngingedwa ngizokufonela uzongithatha."

Budayza:"Vele ivrou ifuna kuyothenga okokugqoka sho bhozza."

Mdu:"Ngitholele lesfebe esisiphelezelile singiphazamisile ngalokuzinyonta phambi kwami."

Ahleke uBudayza

Budayza:"Yena ukhona ngizosithola bhozza."

Ngempela ahambe aye kuye akhiphe isamba semali amukhombe sona.

Budayza:"Iboss idinga usizo."

Amoyizele umabhalane vele abezifunela yena ayithathe imali athi uzoya.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Sambulo:"Gabsile esokugcina lestolo awutholi okuthandayo."

Gabi:"Ngifuna into emhlophe hawu noma egqamile esheli."

Sambulo:"Mina kuyafana emehlweni ami yonke lento ikwenza ubemuhle."

Bezwe amaphimbo abanye bayaphikisana

“Ngizokushiya lana mina ngikutshelile kuthi umnumzane angangifonela noma nini, qedake ngizokulinda emotweni.”

“Budyza nawe usungakhaliswa izitolo ezimbili engingenekuzo.”

Budayza:”Zimbili kuphi angithi ibhozza ingifonele nginawe la ulokhu ushintsha kaningi sengize ngibuyile kuyafana.”

Umkakhe:”Ulele kuphi ubhozza?”

Budayza:”Ungale komgwaqo sthandwa sami ngathi ngizokushiya ungithume izinto eziningi ubhozza uyamazi nawe.”

Umkakhe:”Hamba ngizofonela uber mangiqeda, uzobuyela nini kwibhozza?”

Budayza:”Uthe ngimuphe amahora ayisikhombisa.”

Umkakhe:”Hambake I love u.”

Budayza:”I lov you too.”

Ifulathele indoda yakhona uGabsile amubone unomudwebu wenyoka njengowakaMdu kepha owakhe usesiphangeni uyabonakala ngoba ugqoke iveste emfushane uyisidlakela esingaka kepha akalingani noSambulo. Athuswe iphimbo lomkakhe

“Ngiyazi uyababa umyeni wami kodwa ungamukhumuli kangaka wase ukhipha wonke amehlo.”

Athuke uGabsile acwayize athalaze uSambulo ukhuluma ngocingo

Gabi:”Ngiyaxolisa sisi bengingabukanga lokho.”

Amoyizele

“Ngingu Cleo igama wena?”

Gabi:”Gabsile kepha ngibize Gabi.”

Cleo:”Umuhle sthandwa sami, ubani lo hot head ohamba naye?”

Abheke uSambulo athuke uGabsile makazibamba ngaphambili loCleo wakhona azishayise umoya ngesandla ngathi uyashisa makaqeda ahleke.

Cleo:”Kube uzibonile sothuke kangakanani kusobala awufuni ngaye, ngijabulela ukukwazi bengizidlalela mina.”

Gabi:”Inkinga ayikho.”

Cleo:”Kudala ucinga la ufunani?”

Amutshele

Cleo:”Kukhona engikubonile kungakufanela wena ngalomzimba wakho omuhle kulestolo esingale asambe.”

Abheke uSambulo abalandele sebayaxoxa ulokhu umubhekile uGabsile ngendlela amuhle ngayo manje ngathi sekamuthanda kakhulu ngoba sekakhulume lemfihlo. Bangene amukhiphele lokhu akubonile naye uGabsile akuthande akukhokhele uSambulo baphume bobathathu.

Cleo:"Ngikuthandile yazi ngicela inombolo yakho."

Gabi:"Yazi ungithathe nginganakile seza la ucingo lwami ngilushiye emuva, ithi ngithathe olwakho nami ngikuthandile."

Athathe ucingo lukaSambulo amubizele bese bayavalelisana uSambulo abone umdwebu ethangeni ngemuva uvelile ikhanda lenyoka. Kukhale ucingo lwakhe loCleo basahagene.

Cleo:"Hellow."

"Iphimbo lakho lisemunandi."

Cleo:"Mduduzi."

Mdu:" Ngathi awujabuli kuzwa ngami nje."

Cleo:"Ukuthi ngimatasa."

Mdu:"Isoka lakho lithe uduzane nala engikhona woza ngisenumber 201."

Cleo:"Ngimatasa mina angisayifuni lento oyenzayo."

Mdu:"Ngizomazisa uBudayza ngalengane oyifihlile usukhohliwe kuthi ngiyazi. Buya uzongisiza azange ngathi ubemuhle ngalohlobo."

Cleo:"Akukho ongazitholela yena lapho angisafuni kuhlangana nawe mina."

Mdu:"Ukhona bengimutholile kepha ngimuxoshile beka gangichazi woza manje ngifuna kuqeda ngilale kancane. Ngikupha imizuzu ewu15."

Aluvale boGabsile bamushiye lapho asakhuluma ngocingo uyababona sebawenqile umgwaqo abalandele abafice basangena bamangale nje nabo. Bahambisane nangu angena egumbini eliqondene nabo.

Cleo:"Ngingeza kuwe mangiphuma la?"

Gabi:"Ayikho inkinga kodwa awusabukeki ujabulile njengaseqaleni ukahle."

Cleo:"Ungazikhathazi shap girl."

Bahlukane kanjalo……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EJELE

Iziboshwa zizenzela umsindo wazo njengenjwayelo kuqhamuke amaphoyisa amabili.

Phoyisa:”Bonga Buthelezi unesivakashi.”

Bamuvulele aphume aye la ababonelwa khona umawakhe

Bonga:”Salukazi sami esibabayo, bona nalokhu kwephoyisa  kukubuke njani.”

Zodwa:”Mfanami kunjani?”

Bonga:”Ngijabulile mama usuku lwami luyasondela.”

Zodwa:”Ngizokutshela ukuthi sesikulindile mfanami manje sekuyisikhathi ngobsuku bokuqala nje uGabsile uzomuthola.”

Bonga:”Uyakhulumake mama pho lomntwana kuvele kugijime igazi hhayi ukhona.”

Zodwa:” Nobabakho sekafuni kuzibusisa ngaye.”

Bonga:”Mama ungakuvumi lokho, ngamane umulethe la uGabsile ngizocela bangiphe igumbi bayakunika kepha uyakhokha. “

Zodwa:”Asikho isidingo salokho usuyabuya ekhaya, kukhona engikuphathele Kona kusele esangweni nawe uyazi.”

Bonga::”Ngiyabonga dimamzo.”

Ahambe uMawakhe asukume sekaphethwe imizwa naye ngoba uyaziwa unemali unikezwa noma ngabe yini ayifunayo kulejele.

Bonga:”Phoyisa inyoka ifuna kungena emanzini yenza indlela.”

Phoyisa:”Ungasabi ngizokulandela oyedwa emgwaqeni.”

Amubuyisele esitokisini sakhe

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Sekuyintambama manje sebagqokile baqedile baphume bayolinda  uKabelo ngaphandle

Sambulo:”Umuhle.”

Gabi:”Ngithathe isithombeke ngizokholwa.”

Sambulo:”Sezingakhi izithombe ozithathile?”

Gabi:”Ngishuthe bhuti hawu.”

Amushuthe baze bacele omunye ozindlulelayo kuthi abashuthe bobabili aqhamuke uKabelo mabagibela uGabsile abone umyeni kaCleo umubone kahle emini. Sekagqoke okunye manje angena khona kulehhotela.

Ashaye ikhwela uKabelo mabaqeda kubingelelala.

Sambulo:”Yini manje, uphi uThabile?”

Kabelo:”Akaqedi ukugqoka nangu umfazi ngithe mangibuya angakagqoki ngiyamushiya.”

Babhekane uSambulo noGabsile bahleke

Sambulo:”Awusiwedwa kulenhlupheko bro.”

Bafike kwakhe uGabsile angene yedwa uSambulo amubuke noKabelo amubuke umngani wakhe.

Kabelo:”Ushintshile ndoda.”

Sambulo:”Impilo injalo bro.”

Kabelo:”Uyayithanda lengane ne?”

Sambulo:”Blind bro blind.”

Kabelo:”Uthini manje sekavumile?”

Sambulo:”Uyathembisa yena kepha unesoka engingalitholi kahle.”

Kabelo:”Haisuka nawe ungangitsheli ngesoka alishiye le emva wagijima nawe, bomama abanye abantu uyakuthanda nawe indlela akubheka ngayo ixoxa indaba kuze kwasho umama kaNkoskhona.”

Sambulo:”Ubani loyo?”

Kabelo:”UThabile.”

Sambulo:”Ndoda sonengane?”

Kabelo:”Bro ngingumzali phela mina ngiyayisebenzisa angiyidlalisi.”

Baqhamuke uGabsile sekagqoke esinye iskibha esincane siwucrop top kuvele nesibhono sinento emanyayo angayazi.

Sambulo:”Umkakho uzongimoshela uGabsile sekamugqokiseni manje.”

Kabelo:”Musa ukuzenza ikhehla nawe muyeke agqoke akufunayo, hhayi naye kodwa ngathi akapheli ubuhle obungaka.”

Bahleke bangene emotweni  bahambe mabafika kwaKhans bangeniswe muhle umuzi waKhans. Emva kwesikhashana aqhamuke ubaba osokhulile impela afike sekavule izandla zakhe kuthi ahage uSambulo naye amuhlangabeze.

Khans:”Mfana wami waze wangilahla.”

Sambulo:”Lutho baba ngikhona.”

Khans:”Uhamba wedwa nanamuhla, Sambulo ufuna ngikuqhashele umfazi.”

Kabelo:”Ngisakulandela isipawupete sakhe. Lomfanakho use kabi abehleli angathathi sonke lesikhathi kanti ulinde ingane yabantu encane ikhule.”

Bahleke bonke uKabelo makaya ngala abesimame bazihlelele khona

Khans:”Ushaya ngesincane mfana, fede kuyaphileka ngezwa ngamashisa nyama wakho ngiyaziqhenya ngawe.”

Sambulo:”Aqhuba kahle nawo.”

Kuqhamuke intombazane imemeze mayibona uSambulo

“Sambs nguwe lo daddy daddy awungitshelanga ngani kuthi uyeza naye ngizozilungisa kahle.”

Khans:”Nami bengingazi sesi.”

Iziphose kuye intombazane bese iyamuyeka ibashiye lapho.

Khans:”Yazi ngangihlala ngifisa ukuthi uzogcina noSbongile into yenu yaphelela emoyeni.”

Sambulo:”Azange iye ndawo.”

Khans:”Yayikuthanda ingane yami ngenze ngathi angiboni cabanga, ndoda ngiyabonga ngokuthi ufike ngiyakudinga vele.”

Khans:”Uyazi anginayo indodana iminyaka seyihambile ngifuna ungiqhubekele namashishini ami.”

Sambulo:”USbongile ukhona nje.”

Khans:”Ukhona ngokuthi adle imali yadaddy nje benosisi wakhe omncane akafuni kusebenza.”

Sambulo:”UKabelo angikholwa kuzomuphatha kahle ngoba uhlala anawe azange ake akushiye.”

Khans:”Uyazi naye akanankinga, cabanga mfanami ungasheshi ukunqaba.”

Sambulo:”Ngizocabanga ngifuna kusuka vele.”

Khans:”Konke kumi ngomumo kwamanje noma ngingadabula amafu manje konke kuza kuwe bebazokubiza lapho okhona.”

Sambulo:”Kungani wenze lokhu kodwa mnumzane?”

Khans:”Ngikukhonzile mfanami ubuwenza izinto zenzeke, manje ubani lesipawupete esiza noKabelo sengiguge nginje bantu.”

Makabhekisa amehlo la abuke khona uza noGabsile afike abingelele uSambulo alule isandla amubambe uGabsile.

Sambulo:”Baba wami lona uGabsile owakhe enhliziyweni yami.”

Khans:”Sekuze kunamabhilidi mfanami ngiyabona, wamuhle Gabsile ungowakabani.”

Abheke uSambulo angazi kuthi uzathi wakabani.

Sambulo:”UButhelezi phela manje lesi esinye isibongo akasanandaba naso.”

Bahleke abuyele emuva uGabsile uzihlelele kamnandi noThabile kufike noCleo nomyeni wakhe aziyele kwabesimame. Bamemeze benoGabsile mababonana bamangalelane.

Cleo:”Uyazi lokhu kusho ukuthini?”

Gabi:”Kushoni?”

Cleo:”Sizobabangane bantu bethu bazi uKhans, unjani Thabile?”

Thabile:”Ngiyaphila Cleo wena unjani.”

Baqale baphuze amawayini uGabsile akakaze abesendaweni enjena bazijabulise, kuqhamuke uSambulo amukhwaye ngesandla. Aye kuye

Sambulo:”Ukahle?”

Gabi:”Kakhulu.”

Sambulo:”Iza la.”

Amubambe ngesandla bachele kancane baye ngasebar amukhombisi angakuphuza

Gabi:”Hayibo ngingaphuza?”

Sambulo:”Phuza lamawayini engikukhombe wona kuphela ungasondeli kumabhiya nalogologo obomvu.”

Amuthathele amunike

Gabi:”Ngingakhumula nami  ngingene kujakhuzi?”

Sambulo:”Kulungile.”

Gabi:”Buyake uzongishutha.”

Anikine ikhanda uSambulo amulandele kugcwele abesimame bodwa abanye bafake izinyawo zodwa abanye bangeniswe bathathe iizngilazi zabo zamawayini ahlukahlukene. Akhumule uGabsile asale ngalebhikini ayikhethiswe uCleo alengise umlomo uSambulo angasakhiphi nocingo.

Gabi:”Shutha bhuti bo.”

Akhiphe ucingo amunike ngoba ubona ngathi uzozifakela ihlazo ngenxa yemizwa ayizwayo manje.

Sambulo:”Shuthana nabangani bakho mawuqeda uyilethe ipin usuku lwakho lokuzalwa.”

Afulathele ngokushesha aqonde endlini encane makaphuma athele ugologo obomvu awuphuze kubekanye. Ezwe izandla zimibamba ngemuva uyazi uGabsile ngeke akwenze lokho makaphenduka uSbongile indodakazi kaKhans. Amususe lezandla kuye asondele uSbongile.

Sbo:"Usanuka kamndi namanje?"

Amubambe ibhande atatamele azame kumqabula.

Sambulo:"Angifuni kukufakela ihlazo uyazi ngizokwenza lokho suka la."

Sbo:"Wenza ngathi awungifuni awuzibheke unjani."

Azame kumuthinta ngaphambili abambe isandla sakhe amushiye lapho aye kuboKabelo.

Thabile:”NinoSambulo nideep kulento neh.”

Gabi:”Into yiphi?”

Gabi:”uthando lwenu lundlulele.”

Cleo:”Nibonakala ebusweni ingabe nibanjani masenishaya ibedroom vosho.”

Thabile:”Nami ngiyazibuza yazi sitshele nenzenjani, uyakuhamba lo umubona ngendlela akubuka ngayo namanje mawukhumula bekafuna kukugwinya phambi kwethu.”

Gabi abe namahloni azimoyizelise angaphenduli

Cleo:”Hayibo ntombazane phuma nezindaba sifuna amatips nathi bazosibuka kanjengawe.”

Gabsile:”Asikaze senze ivosho thina.”

Bamemeze ukuphapha kwamantombazane

Thabile:”Nilindeni ufuna idliwe zintwala zecorona Gabi kahle umuntu uphethwe indlala lamula.”

Gabi:”Angikaze ngilale nomfana.”

UCleo aziwesele phansi kujakhuzi ngathi uyaquleka

Cleo:”Thabile ngiqulekile buya uzongisiza.”

Thabile:”Nami ngizoquleka phela manje.”

Bahleke belokhu beziphuzela bezidlalela…

Ngale kuboSambulo uhlezi noKabelo, uKhans, uBudayza nabanye nje iso lakhe alisuki kodwa ngala kunejakhuzi khona noma angayiboni ngoba isithele.

Budayza:”Bra Khans sengikulungele ukujoyina iqembu lakho manje.”

Khans:”Soon kuzoba elikabro S ungakhuluma naye, ndoda ukahle kudala asisiza ezintweni ezincane, ngisayodlala ngezinqe zalomama ngiyabuya. Lezintombi zenu ziyangilimaza mazilokhu zibhushuzela la.”

Kabelo:”Bra Khans hhayi ithi uyadlala.”

Bahleke

Khans:”Bro S ungahambi ungakangiboni.”

Sambulo;?:”Ngikulinde mina uyodlala ngezinqe masengifuna ukuhamba.”

Khans:”Vele manje ngeke usangibona ngisho la eKapa.”

Sambulo:”Sho thayma.”

Budayza:”Uyindodana yakhe yini?”

Sambulo:”Yebo ubuzelani?”

Budayza:” Ngibuza ngoba athi izintambo sezizobakuwe, uhlala kuphi nendawo.”

Amubheke emehlweni uSambulo aze asuse amehlo wakhe uBudayza amutshele indawo okungasiyo.

Sambulo:”Angazi uKhans uthandani kuwe kepha mina angikuthandi.”

Amubheke uKabelo ngokumangala, uyamazi uSambulo akafihli into uyikhuluma njengoba injalo.

Budayza:”Kusho ukuthi ngeke ungivumele ngijoyine?”

Sambulo:”Ngeke khohlwa.”

Budayza:”Ngizokwenza noma ngabe yini kuthi ungithande bhozza yami noma ngabe yini.”

Asukume uSambulo nocingo lukaKabelo ashayele uGabsile ocingweni lwakhe phela uyibonile inkosikazi yalomuntu ngathi inomdwebo wenyoka.

Gabi:”Bhuti ucingo lukaSambulo lukimi ngisayomnika.”

Sambulo:”Gabi yimina woza nalabangani bakho bobabili anginibonanga nidla.”

Beze ngempela bazithandele ngamathawula abanike ukudla badle bamile inhloso yakhe ukwenza isiqiniseko salento ayibonile kuCleo. Alokhu amubheka ngemuva akabonakali azindlulise kubo amuwisise ukudla kwakhe bese bayagoba bobabili asukume uSambulo amubheke ngemuva abone ngempela inyoka le ifana nse nale esemhlane walesoka likaGabsile. Kungenzeka bathunyelwe laba uBudayza asondele kuye ngoba uyamubona ubuke ntombi yakhe.

Budayza:”Ivrou yami le bhozza ungangimoshi.”

Sambulo:”Iso liphandlekile hade ndoda.”

Budayza:”Ayikho ijayv.”

Bachele kubo emva kwesikhashana abuyele kwijakhuzi amantomambazane, sebaxoxa bonke manje ngawo wonke umhlolo lo. uGabsile naye sekangenwa iwayini baqale ngokudansa kwabo abanye sebahlezi namasoka abo kuyaqatshulwana kunjeyaya. Badanse ngokushintshana bayahlekana kumnandi nje. USambulo abone amadoda sewamile abukele ngaphandle bayahleka nabo benoKabelo basondele, bayazidansela ngokushintshana ababoni lutho.

Sambulo:”Bro sengicabanga kuvaya manje lekhehla selilele.”

Kabelo:”Unamanga sofuna kuyodlala ngezibunu.”

Bahleke

Kabelo:”Nathi sizohamba.”

Sambulo:”Hlala bro ungahambi ngenxa yami.”

Kabelo:”Kuyabhora vele ngikhathele.”

Sambulo:”Babizeke.”

Kabelo:”Wena hamba uyobabiza mina ngilande imoto.”

Sambulo:”Bro ikhona enye indlela yokuphuma lobudayza angimuthembi angifuni abone kuthi siyahamba.”

Kabelo:”Kungani ungamuthembi vele?

Sambulo:”Itsekeni lakhe linethathu yemamba.”

Kabelo:”Uqinsile kumele sitshele uKhans?”

Sambulo:”Sizomutshela kusasa.”

Kabelo:”Yazini okungenani akuvalwe lomcimbi sekuyihora lokuqala futhi.”

Sambulo:”Uqinsile.”

Bacime umculo bakhononde uSambulo atshele bonogada kuthi balandele uBudayza baze baphumele ngaphandle kwegceke. Ngempela kubenjalo amangale naye uBudayza abone ukuthi kuncono balinde kancane namuhla bangahlaseli ngoba lomholi omusha uhlakaniphile. Afike emotweni le bebalinde kuyo kuthi abazize bangene atshele uMduduzi.

Mdu:”Damn ubani manje lowo? Igama lakhe ulitholile.”

Budayza:”Angilitholanga bhozza uKhans umubiza ngo broS.”

Mdu:”Dman damn damn asambeni.”…

Abantu masebaphume bonke uSambulo aye kuGabi odansela into engekho uyahleka uThabile athathe ithawula lakhe amumbese ngalo bangasayi kuyogqoka noThabile baqonde emotweni. Uhamba ucishe ukuwa yonke lendlela aze amuphakamise uSambulo bangene ngemuva emotweni. UKabelo sebayaqabulana noThabile khona la duze nabo.

Gabi:”Hayibo asambeni siyakwazi kuyenza nathi lento eniyenzayo.”

Thabile:”Ngeke niyenze njengathi.”

UGabsile asukele uSambulo amcabuze aze amuyeke uSambulo sekadakwe yiyo yonke into edaka imizwa.

Sambulo:”Asambe bro.”

Ayisuse uKabelo yonke lendlela uGabsile uphulula uSambulo aze ahluleke naye uSambulo amuphulule lamathanga angaphandle.

UMduduzi uthukuthele ugane unwabu ulandelana nomunye weqembu lakhe bahamba emva kwaboGabsile ababanakile ngoba uphakanyisiwe uGabsile bebamile bexoxa langaphandle yingakho bengakangeni, bonke bangene kwilift. Makabeka uGabile phansi afulathele boMdu uSambulo acindezele uGabsile kwibonda yelift baqabulane futhi. Bababuke nje uSambulo aphakamise unyawo lukaGabi ababheke uMdu.

Mdu:”Ayyy ndoda zibambe niyafika egumbini nje anigibelanga nodwa.”

UGabsile alizwe lephimbo kodwa ingqondo yakhe iphithene noSambulo umenza into angayazi. Ime ilift baphume boMdu bona basale belokhu beqabulana ithi maseyibuya kwesibili kube khani baphuma. Bangene egumbini labo bangakhanyisi nokukhanyisa bacabuzane izimpahla ziyandiza masebangene engubeni

Sambulo:”Unesiqiniseko salento?”

Gabi:”Nginesiqiniseko awusiye ubhuti wami futhi ungenza ngizwe into engingayazi ngikhetha wena kuthi uthathe lento abayigijimisayo.”

Sambulo:”Akukho mayelana nokuthatha lokho mina ngiyakuthanda Gabi.”

Gabi:”Ngiyazi.”

Sambulo:”Kuzobabuhlungu.”

Gabi:”Ngiyazi futhi.”

Bacabuzane abuye ngaphezulu uSambulo (ISUSIWE)

(JOIN IMPILO GROUP )

🌼

🌼

🌼

Sambulo 🌼🌼 Gabsile🌼

Sambulo:"Kuzobabuhlungu."

Gabi:"Ngiyazi."

Bacabuzane eside isikhathi uSambulo akasakhoni azame kumususa uGabsile angafuni.

Sambulo:"Gabi."

Gabi:"Bhuti."

Sambulo:"Ngiyakuthanda."

Gabi:"Mmmm."

Kube buhlungu ukuthi yena akasho kuthi uyamuthanda kodwa angakubeki enhliziyweni. Sekasele ngalebhikini imanzi nayo izandla zikaSambulo zizula wonke lomzimba kaGabsile. Amudonse intambo ye bikini bra ayikhumule amabele asale sobala. Akaqali kuwabona amabele kaGabsile kodwa namuhla uwabonela duze uze uyawathinta. Makalokhu adlalisa izingono zakhe isitho sakhe siyalwa naso. Amehlise iphenti lize lifike ezinyaweni abuye abuke lomzimba nalamathanga akuphulule aze aqume.

Gabi:"Ngiyakuthanda Sambula."

Sambulo:"Ohhhh Gabi wami ngiyakuthanda baby girl ngiyakuthanda."

Baqabulane athathe isandla sikaGabsile asibeke kuye phambili.

Sambulo:"Ngenze kanje."

Azishayise indlwabu yena kuthi uGabsile amenze kanjalo. Amudlaliseke uGabsile, sekamanzi naye amucabuze ngapha udlalisa amabele wakhe.

Sambulo:"Ohhhh Gabi ngiyakuthanda."

Gabsile:"Nami ngiyakuthanda Sambula angikhoni nokuchaza."

Sambulo:"Ngizongena manje uyezwa? Ngicela uqinsisele."

Avume kancane.

Abuye phezu kwakhe akhale kancane uGabsile athathe isandla  asibeke kwipunani yakhe.

Shambulo:"Zidlalise la."

Gabi:"Kanjani?"

Sambulo:"Thatha isandla sakho uzihlalise kanje?".

Amukise isandla sakhe ngendlela ayalelwa ngayo azihlikihle. Makalokhu ezwa ubumnandi uGabsile ahlikihle kakhulu. Abone uSambulo ukuthi sekazochama, aziqondise naye abeke emlonyeni wepunani angangeni. Sekasimile nje  uSambulo akasakhoni kuzibamba. Azihlikihle uGabsile usevale amehlo uyakhala manje sekazihlikihla fast.

Gabi:"Ahhhhhhhhhh Sambulo."

Sambulo:'Ungibiza ngegama vele."

Gabi:"Ahhhhh Sambulo."

Amoyizele uSambulo makabona lento ayenzayo uGabi wakhe. Makakhala kakhulu asavale amehlo alalele lento azenza yona angene uSambulo kuqume yena manje.

Sambulo:"Ahhhhh phephisa baby girl I'm sorry."

Amufende kancane kancane akafuni kumuzwisa ubuhlungu. Naye uSambulo makalokhu enza uGabsile uyazizwa kuthi kukhona okwenzekayo kuye. Noma yiwona lamandla alandelwayo. Athuke makavula amehlo uGabsile uyakhala kuphuma nezinyembezi eme akamuzwanga na makathi akayeke.

Sambulo:"Gabi ngiyaxolisa."

Gabi:"Ngiyakuthanda Sambulo kakhulu ngiyakuthanda mina."

Sambulo:"Ohhhhh Gabi."

Gabi:"Ngeke udlale ngami?"

Sambulo:"Ngeke ngiyaxolisa ukukuzwisa ubuhlungu baby girl, next time ngeke kubenje."

Aqhubeke amufende kancane angajahe  ndawo nephimbo lokukhala kukaGabsile liduma lonke legumbi akanamsebenzi nalokho uma nje isithandwa sakhe sikahle.

Sambulo:"Ya baby girl."

Gabi:"Mmmmmm."

Aqalele abefast manje abe fast

Sambulo:" Iya baby girl ngichamele la kuwe ngiyacela."

Gabi:"Ngiyamusaba umntwana manje."

Sambulo:"Kulungile baby girl ngizokhipha."

Gabi:"Ungakhiphi manje kukhona okuphumayo kimi Sambulo ungakhiphi kuyaphuma."

Amubambe ngalezinyawo uGabsile uyachama kumnandi kuthi akaziqinise uSambulo achame naye ahluleke kuzibamba🌼🌼🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: ***<u>LETHABO T</u>***

ISIQEEPHU9🌼

UMduduzi akalalanga acabanga kuthi kaze ukuphi uGabsile avale nocingo nje. Ucasulwe nayilento eyenzeke kwaKhans phela ulifuna lifile lekhehla. Okwenze izinto zimucasule kakhulu yilabantu bebamubangela umsindo. Iphimbo lalentombazane lisaduma ezindlebeni zakhe naye uze wavukelwa imizwa.

Egumbini laboGabsile makaphaphama ekuseni uSambulo alokhu abuke uGabsile azisole kepha ulaleleni naye baphuzile makavuka la uzomulahla, ucabanga yonke lento. Avule amehlo uGabsile afice uSambulo amubhekile kubuye konke okwenzeke ebsuku amoyizele.

Gabsile:"Ungibukani ngilele?"

Sambulo:"Ngithukile?"

Gabsile:"Uthuswe yini?"

Sambulo:"Kuthi ngeke ukhumbule obekwenzeka phakathi kwami nnawe."

Amoyizele uGabsile

Gabi:"Bhuti akukho engikusho izolo ngingeke ngikuphinde namuhla."

Ajabule uSambulo amuhage

Sambulo:"Ngiyakuthanda."

Gabi:"Kukhona okumele ngikwenze kuqala."

Sambulo:"Yini leyo?"

Gabi:"UMduduzi."

Sambulo:"Ufuna kumenzani?"

Gabi:"Kumutshela kuthi sihlukane."

Sambulo:"Awusamthandi kanti.."

Gabi:"Phela uma kuyinto enhle kuthandana nawe bese ngiba naye futhi singaqhubeka."

Sambulo:"Never ngifuna ukuba ngedwa la kulenhliziyo yakho."

Gabi:”Yazi bhuti kudala ngikuthanda kodwa benginganaso isiqiniseko kuthi ngikuthanda kangaka.”

Sambulo:” Uyingunaphakade lami wena, mina nawe siya ekudeni.”

Gabi:”Uzovuma ngiyokhuluma naye masibuyela emuva?”

Sambulo:”Kuzobanzima kube kuya ngami kube siyanyamalala nje noma ngiyocisha ingqondo yakhe akhohlwe nguwe..”

Gabi:”Ngeke abe nenkani mangimutshela.”

Sambulo:”Uyazi kubo?”

Gabi:”Ngiyazi nabazali bakhe ngiyabazi umndeni wakhe wonke nje, lento izobanzima kuye.”

Sambulo:”Cha uzokhohlwa mina angisamufuni celeni kwakho.”

Kukhale ucingo lukaSambulo alubambe.

Khans:”Mfanami ungakhona kuzongibona manje sekumele ngiye eMpumalanga umama wenkosikazi yami uqeda kusiya emhlabeni.”

Sambulo:”Uzobuya nini baba?”

Khans:”Hayisuka wena mfana ungangitsheli ukuthi usasephakathi kwamathanga ngaleskhathi.”.

Abhovumule ngohleko uSambulo uGabsile aze amoyizele naye.

Sambulo:”Uyacava thayma nawe.”

Khans:”Ngizokwazisa masengibuyake ndodana vuka manje ungakhulelisi lomntwana uzomumoshela lefiga enhle uzokubulala uyise.”

Sambulo:”Ngeke thayma.”

Bavalelisaneke

Gabi:”Ngiyaqala kukuzwa uhleka kangaka yazi.”

Sambulo:”Besingekho isikhathi sokuhleka bengivikela isthandwa sami.”

Gabi:”Mawucabanga ekhaya bazothini mabasibona?”

Sambulo:”Uyakhumbula idili lethu masifika la, siyakhohlwa okwale emva konke nabobonke abantu.”

Gabi:”Kulungileke ngeke ngisakhuluma ngabo.”

Sambulo:”Wozala.”

Gabi:”Ufuna kungiphinda?”

Sambulo:”Mangabe ayikho inkinga.”

Gabi:”Bhuti ungifundisa ukusa emva kwesikhathi esingaka ungikhuza kuthi ngingalinge nje ngibenqunu phambi komfana. “

Bahleke bobabili

Sambulo:"Bengizobabulala yazi labafanyana."

Gabi:"Unezifaca kanti."

Ahleke uSambulo asondele amuqabule esinye isandla simukitaze ahleke aze agigitheke uGabsile

Gabi:"Yima ngizozichamela mani ngiyeke."

Sambulo:"Ubani onezifaca?"

Gabi:"Akusinguwe yilo osemva kwakho ngiyeke."

Amuyeke makasukuma uGabsile izinhlungu zimubambe nonyawo kubenzima kuphakama, asondele uSambulo amuphakamise amucabuze baye endlini encane beqabulana. Afike amubeke phansi bese uvulela amanzi ebhavini. Makaqeda uGabsile athi angene emanzini. Naye azikhulule angene ebhavini baxoxe kamnandi nakhona.

Gabi:"Wathi uzongimukisa eDubai bhuti sizoya nini?"

Sambulo:"Namanje singaya."

Gabi:"Ngempela asikayiboni iKappa nje."

Sambulo:"Yazini asambe onke amaphepha okuhamba akahle singabuya la emva kwezinyangana futhi kungenzeka siyohlala ngapha."

Gabi:"Bhuti uyahlanya kanjalo nje."

Sambulo:"Ngicela ungibize ngegama hawu."

Gabi:"Angisajwayelanga."

Sambulo:"Izolo beliphakathi bongibiza ngalo."

Gabi:"Nawe uyasho beliphakathi, ngizokubiza ngalo maseliphakathi futhi."

Ahleke uSambulo:"Hayibo wengane are you challenging me?"

Gabi:"Maybe."

Sambulo:"Sukuma ubheke ngakini."

Asukume

Sambulo:"Uyangichaza indlela ongilalela ngayo."

Makasabheke kuye amubambe izandla kuthi ahlale phezu kwakhe amudonsele phansi babhekane amucabuze

Gabi:"Kuzobabhlungu nanamuhla?"

Sambulo:"Mawungathandi ngeke ngikwenze lutho."

Gabi:”Kulungile.”

Baqalele phansi bacabuzane lapho emanzini

Sambulo:”Vele ngingafaki.”

Gabi:”Mmmmm.”

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

uMduduzi sebayamuphinda ngomsindo futhi iphimbo laGabsile liyamuhlula ezindlebeni, ashayele uCleo ucingo.

Cleo:”Sawubona.”

Uyazi makamuphendula kanje unoBudayza eduzane

Mdu:”Unaye?”

Cleo:”Eya bamba kancane.”

Amunike ucingo

Budayza:”Bhozza yami.”

Mdu:”Ifone yakho inani kunini ingangeni.”

Usho uqamba amanga

Budayza:”Angazi bhozza yami kepha ayivalwanga.”

Mdu:”Akhona amakhaya ngala amapulazi?”

Budayza:”Akhona achelile kancane.”

Mdu:”Kuzokuthatha isikhathi esingakanani kufika khona.”

Budayza:”Kungabamahora amabili.”

Mdu:”Ngicela ungiyele khona nezinja ezimbalwa nifune kaButhelezi ngizokuthumelela isthombe salentombazabe engifuna nibuye nayo ningayilimazi.”

Budayza:”Ngiyaphuma manje bhozza ithi ngidlale ngevati.”

Mdu:”Shesha.”

Aluvale aphose ucingo lwakhe embhedeni aphume uthi uyokhuza lomsindo makafika emnyango eme

“Kunjani manje?”

“Kumnandi akufani nayzolo.”

“Ngiyakuthanda"

Ingasaphenduli intombazane iqume ngathi sebayaqhubeka futhi lephimbo layo uyalifanisa kepha uyazi uGabi wakhe yintombi nto ngeke akhululeke kulala nomunye wesilisa. Mababuya naye boBudayza ngeke asachitha iskhathi. Afone futhi inombolo kaCleo.

Cleo:”Yini?”

Mdu:”Sekahambile?’”

Cleo:”Yebo angithi nguwe omthumile.”

Mdu:”Woza I need a fuck.”

Cleo:”Mduduzi kanti kungani ungazidlalisi wena uze ube kahle angifuni mina ngikhathele.”

Mdu:”Angikwenzi lokho ngikunika ihora elilodwa ngilimele shesha.”

Aluvale

Amaphimbo ngale.

“Ahh baby girl.”

Anxaphe akhumbule….

Alinde uCleo aze azumeke avuswe ucingo lukaBudayza

Budayza:"Bhozza sithole imizi emithathu yakwaButhelezi isithombe awukasisendi.”

Mdu:”Naze nashesha ngizosisenda manje.”

Kunokhe uCleo emnyango makamuvulela aphakamise amehlo nalomnyango walaba bebamubangela umsindo uvulekile abheke nje kunomsindo wokuhleka manje. Adonse uCleo avale umnyango amucindezele emnyango amucabuze. Ikhale futhi ifone yakhe akhumbule konje isithombe

“Ngiyasisenda.”

Akhethe isithombe saGabsile ezimbili la abonakala kahle khona azisende aphose lefone le abematasa noCleo angasayinaki mayikhala ufuna kukhipha lento okukade imuhlupha busuku bonke masebaqeda benoCleo

Athathe ifone yakhe ayibheke uBudayza sekamufonele kaw7 achofoze inombolo yakhe asheshe kuyiphakamisa.

Budayza:”Bhozza lomntwana bekakulomcimbi wakaKhans futhi abehamba nalomholi omusha akekho kulemizi yonke.”

Mdu:”Uthini?”

Budayza:”Fonela uCleo bhozza bebahlezi naye lomntwana badansa bonke ngathi bayazana, bekagqoke ibhikini emhlophe futhi asebenzisa ithawula eli orange. Masebasikhipha ngimubone azibhinca ngalo wonke nje amantombazane angikholwa kuthi agqokile izimpahla zawo.”

Avele akhumbule lento ayibone kulift izolo lethanga bekalibhekile lomlisa makaliphakamisa linebala njengelaGabsile. Akacabanganga nje ngoba uyazi uGabsile ngeke ahambe azilahlela kanje kodwa lemibala ayishoyo uBudayza yezimpahla ithawula beli orange bekalenga nentambo emhlophe entanyeni ngemuva. Unovalo manje

Budayza:”Ungizwile bhozza bhozza.”

Mdu:”Leslima besihamba nevrou yami besigqoke iskibha sepuma esibomvu na?”

Budayza:”Yebo bhozza ivrou yakho le.?”

Abone uMduduzi ukuthi bekuyibo kulelift kumele acele amakhemera ababheke uCleo makaqeda ukugeza aphume. uMduduzi avale ucingo lwakhe aye ezithombeni

Mdu:”Cleo uyamazi lo?”

Abheke lokhu amukhombisa khona avule amehlo uCleo bese uyamoyizela phela uvele wamuthanda uGabi nomoya wakhe omuhle.

Cleo:”Ngiyamazi yooo ave bathandana nomuntu wakhe abemunakekele futhi.”

Amugxavule entanyeni amukhame

Mdu:”Umazelaphi uphi?”

Cleo:”Bakulegumbi leli  obhekene nalo nomuntu wakhe namanje ngiqale khona.”

Mdu:”No no no no no no no no no no no not my Gabi not again"

Akhumbule yonke lento bekayizwa nephimbo lakhe ashintshe anqunqe abheke uCleo bekuyiphimbo lakhe vele. Nalohleko bekaluzwa.

Akhiphe isibhamu sakhe athuke uCleo

Mdu:”Igama lalo ohlala kulegumbi ubani UBANI?”

Usakhohlela kusebuhlungu la bekamukhama khona

Cleo:”Uthe uGabsile uGabi.”

Mdu:”Mangabe sekaphisane ngokungokwami kuncono afe maaan akafe.”

Sekathukile uCleo akakaze amubone anje ngathi nekhanda alisebenzi futhi udla amazinyo ngoba athukuthele aze ayakhala enza lomsindo oshaqisayo. Ashintshe isibhamu sakhe aphume kukhona oculayo phakathi  umnyango uvulekile kancane anganokhi awukhahlelele le.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Khabo Mduduzi

Abazali bakhe bahlezi ngaphandle bayazincokolela nje okungatheni

Biyela:"Yazi nkosikazi uMduduzi ngifuna asheshe athathe lentokazi uGabsile."

MaBiyela:"Nami nkosi yami yingakho nje ngimumemile kuthi eze ngapha isikhashana phela makangabonisa uMduduzi ukuthi ukhanda shisa uzomshiya uGabsile."

Biyela:"Seyiminingi leminyaka angikholwa ukuthi lokugula kusengamvuka uyakhumbula udokotela wathi kumele simususe entweni engamuthukuthelisa."

MaBiyela:"Namanje ngeke ngikhohlwe indlela abulala ngayo lentombi yakhe ayithola nomuntu, yafa ngesikhulu isihluku."

Biyela:"Eyy ingani yiko lokho okwenza umkhandlu ungasavumi kungibuyisela esihlalweni kanti besengisiqedile isigwebo sami."

MaBiyela:"Ngakutshela nkosi yami lesa sizwe esakho uma wena ungasabuyeli oyedwa kumadodana ethu uzohlala kuso noma isizukulu."

Biyela:"Eyy nkosikazi nali izibulu lethu liyagula uMduduzi akakulungele kuba yinkosi."

MaBiyela:"Nkosi yami makanoGabsile duze naye uzosibamba lesihlalo. Phela yilengane eyenza uMduduzi abesezinqondweni zakhe."

Biyela:"Kuduze phambili ndlovukazi asingasabalisi."

Iphimbo ngaphakathi

"Mama wemama."

Asukume aye kwindodana yakhe

MaBiyela:"Kwenzenjani Mlungisi?"

Mlungisi:"Ngifuna ukuya endlini encane."

MaBiyela:"Ohl asambe bambelela la kimi ungazithunuki."

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU10🌼

Angene sekahamba kancane uMduduzi kulegumbi uthukuthele akazizwa izinyawo zakhe. Aphakamise isandla esiphethe isibhamu alandele amaphimbo la aqhamuka ngakhona endlini yokugezela avule amangale athole abosisi ababili bagqoke umfanekiso wezisebenzi zehhotela. Mababona indoda iphethe isibhamu bathuke bamemeze abashiye khona lapho. Abheke embhedeni okokumbesa umbhede kuphansi makaphosa amehlo phezu kwawo umbhede abone igazi. Axege amadolo asondele abhekisise kumcacele ukuthi lomlisa ohamba noGabi ubuthathile ubuntombi bakhe, sekumele afe uGabi. Udlale ngaye ngalohlobo sekamazise nakubazali bakhe.

Ahlale phezu kwawo umbhede ahlikihle ikhanda lakhe akakwazi kumenza into enjena. Abone nobra walebhikini abeyigqokile emhlophe izintanjana zayo ayithathe ayinuke nezinyembezi ziyehla manje izinyembezi zentukuthelo zokuphoxeka. Alizwe iphunga lakhe kulebra engqondweni ibuye into ayibone kulift ebsuku.

Mdu:"Ubani kodwa lomlisa fuck fuck fuck."

Makasukuma sekanukelwa iphunga likaGabsile imizwa nayo ibe la uvukelwe  asukume abuyele egumbini lakhe isisebenzi esisodwa siphume phela besebasaba bacishe badutshulwa, uMduduzi sekafuna uCleo angamutholi.

Mdu:"I need a fuck shit I need a fuck damn you Cleo shit."

Aphume abuyele kulegumbi nasi isisebenzi siyazisebenzela sifulathele umnyango abheke emuva uMdu.

Mdu:"Sisi uphi lomunye?"

Isisebenzi:"Uyolanda okuthile mnumzane ngicela ungangidubuli."

Mdu:"Lalela  ngeke ngikudubule mawuzokwenza engikushoyo."

Sivume ngekhanda isisebenzi kaningana.

Mdu:"Uphume kanje njengomuntu ongathukanga ngizokulandela uye kwelinye igumbi elinganamuntu hhayi leli elami elinye, angithi uphethe bokhiye bala oclina khona?"

Sivume isisebenzi siphume kahle noMdu asilandele singene kwelinye igumbi alandele noMdu akhiye.

Mdu:"Uke umemeze uyafa manje."

Asijike embhedeni asikhumule

Isisebenzi:"Ngicela ufake ijazi lomkhwenyane okungenani ngiyakucela bhuti."

Mdu:"Shush."

UCleo unele kubona isimo akuso uMduduzi wathatha okungekwakhe waphuma njengohlanya. Wabuyela kwakhe la endleleni ulokhu uzama kushayela lenombolo amunike yona uGabi athi eyakhe yize ayishiyile ifone. Akhumbule kuthi unayo inombolo kaThabile ayiseshe makayithola ayifonele.

Thabile:"Hi girl."

Cleo:"Ukuphi girl?"

Thabile:"Ngisemall."

Cleo:"Unobani?"

Thabile:"Cleo khuluma uyangithusa manje."

Cleo:"Ngifuna kukubona kepha mawuwedwa ngiyakucela Thabi."

Thabile:"Kulungile iza emall ngizobona ukuthi ngimdoja njani uKabelo.'

Cleo:"Ngiyabonga, mshayeli sengiya emall."

Aluvale ngale uThabile abafihlelani nomyeni wakhe batshelana konke

Thabile:"UCleo lo intombi yalomuntu othi akathandwa uSambulo, uyakhala uthi ufuna usizo angazi wenzeni ufuna kukhuluma nami ngedwa."

Kabelo:"Wena ngoba umtshela ukuthi akeze la esikhona."

Thabile:"Ngifuna kuzwa kuthi uthini myeni wami."

Kabelo:"Uzosithela makafikake kunamateki engiwafunayo ngizoyobheka wona."

Thabile:"Ngiyabonga thandiweyo wami."

Kungene umlayezo amutshele kuthi sekafikile

Thabile:"Sekafikile myeni."

Kabelo:"Ungayi endaweni esithele naloCleo wakho, yazini futhi iyani espur mangiqeda ngamateki ngizoza kepha ngeke ngiziveze."

Thabile:"Ngizokwenza njalo."

Amuqabule ahambe ayobheka uCleo amuthole  avele azibonele ukuthi akekho kahle uthukile futhi.

Cleo:"Ngiyabonga Thabile unayo inombolo yesoka likaGabi?"

Thabile:"Yini ndaba?"

Cleo:"Asithole indawo yokuhlala kuqala."

Thabile:"Asiye eSpur ngoba siseduzane."

Bahambeke bafike bahlale bafake ioda labo banikwe okuphuzwayo besalindile. Amuxoxele konke okwenzekile. UThabile athalaze ufuna kubona kuthi umyeni wakhe sekafikile na, abe amubona engena.

Thabile:"Manje wena ubufunani egumbini likaMdu?"

Abheke phansi uCleo

Cleo:"Nginengane naye engiyifihlile."

Thabile:"Isoka lakho alazi?"

Cleo:"Alazi uMduduzi wahlangana nami ngizidayisela ngomzimba waba yikhasimende lami wagcina sekangafuni ngidayisele abanye. Wangisusa emgwaqeni wangibuyisela ekhaya angenzela konke futhi. Eminyake emithathu eyendlule wangitshela ukuthi sekanentombi ayithandayo sizoqhubeka ngokulala kodwa mina naye asithandani. Ngahlanga noBudayza kanti besengikhulelwe uMduduzi naye wanyamalala emehlweni ngaqhubeka noBudayza isisu masesiqala ukubonakala ngahamba ngayohlala nomngani ngaqambela uBuda amanga kuthi ngikwagogo. Azange angiyeke wangilinda ngabuya sengitetile ingane ngayishiya noma ekhaya. Angazi uMduduzi uthole njani kuthi nginengane yize angazi ukuthi eyakhe sekahlala angithusela ngalokho. Makafuna silale usebenzisa lokho."

Thabile:"Iyodwa indlela yokunqamula loMduduzi umsila, wena tshela isoka lakho iqiniso ngengane makakulahla akunankinga uzokhululeka kuloMduduzi."

Cleo:"Ngiyamuthanda uBudayza uyiyoyonke into kimi angiziboni ngaphandle kwakhe. Thabs angizelanga lokho kodwa ngicabanga ukuthi impilo kaGabi isengozini."

Acabange uThabile

Thabile:"Ithi ngihambe girl umyeni wami uzokwazi kuthi enze njani ngiyabonga ngokungazisa."

Cleo:"Ayikho inkinga."

Thabile:"Ngeke uyidinge ilift?"

Cleo:"Ngisafuna kuzula kancane."

Bahagane bahlukane noKabelo asondele abakhokhelele bahambe.

Thabile:"Myeni wami kunoMduduzi ozulana noGabi."

Amubekele indaba naye njengoba injalo ngokushesha uKabelo akhiphe ucingo lwakhe athi ushayela umngani wakhe alufice luvaliwe. Sekasangene ikhanda babuyele emzini wabo ahambe ayozivalela egumbini ufuna ukuzicabanga kuthi angamuthola kanjani uSambulo. Kungene ucingo lubuya kuKhans.

Kabelo:"Baba."

Khans:"Mfanami umfowenu uphi kunini ngimushayele ifone yakhe ayingeni?"

Kabelo:"Nami ngifuna yena baba ngicabanga ukuthi umholi wezimamba ufuna ivrou yakhe."

Amulandele naye indaba njengoba injalo

Khans:"Mfanami thola loCleo umuyise kwi safe house nami ngiyasuka la."

Kabell:"Kulungile baba ukude kangakanani?"

Khans:"Ngikhabo mamakho isalukazi sakhe sibhodile."

Kabelo:"Azange mhlawumbe akwazise ukuthi uzoya kuphi uSambulo?"

Khans:" Azange izimpahla zabo zisekhona kulegumbi?"

Kabelo:"Angazi baba."

Khans:"Thola intombazane ufonele uZozo ayobheka kulegumbi ukuthi izimpahla zisekhona."

Kabelo:"Kulungile baba ngaqala ukukhathazekake manje."

Khans:"Ngeke benzeke lutho uyamazi nawe uSambulo uhlala aqaphile."

Bavalelisane ahambe uKabelo

Kabelo:"Sthandwa sami ngicela ubize uCleo umtshele nidibane emva kwalezitolo zamandiya kukhona okutholile."

Thabile:"Ngeke aye lapho myeni wami kuyasabeka nje."

Kabelo:"Ngizofika kuqala umncenge uzobona nawe kanjani."

Aphume uKabelo asale amushayela uThabile naye athuke uCleo agcine sekavumile ahambe.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Izithandani lezi zifike eDubai zaya ehhotela alibhukhe bangakasuki eKappa bathe bangavumelana ukuthi bazoya eDubai waqala wachofoza kwitablet yakhe uSambulo wabhukha amathikithi kwindiza wabhukha nehhotela. Babatholela isikhathi esiduzane azange basachitha isikhathi bazilungisa baphuma bagijima ingaze ibashiye indiza.

Naba sebafikile eDubai uGabi kudala ayizwa ngendaba namuhla uphakathi kuyo, basebalcony babukele abantu. USambulo ume emva kwaGabsile umubambe okhalweni bayazincokolela baneme bobabili uSambulo ujabulele ukuthi usengowakhe ngokugcwele kanti uGabsile ujabulele ukuthi ukhululekile , usezandleni zomuntu omvikele impilo yakhe yonke angazi yena.

Sambulo:"Ufuna senzeni namuhla?"

Gabi:"Mmmm ngeke uhleke mangikutshela?"

Sambulo:"Makuhlekisa ngizohleka."

Gabi:"Angisakutshelike."

Sambulo:"Kulungileke ngizohleka kancane ngeke ngihleke ngiyadlala."

Aphenduke uGabsile abheke ngakuye amugaxe entanyeni

Gabi:"Ngifuna siyodla ukudla kwala asidleli la egumbini lethu ngifuna siphume."

Ahleke aze abheke phezulu uSambulo

Gabi:"Uyabonake uyahleka?"

Sambulo:"Sthandwa sami uyakuthanda ukudla hayimani."

Gabi:"Kumnandi nje kodwa kumele nginciphise ngoba kuzongikhulphalisa bese uyangishiya."

Amubhekisise uSambulo amoyizele uchazwa ukuthi kanti naye unako ukusaba kuthi angamshiya njengaye nje. Amuqabule

Sambulo:"Ngeke ngikushiye sthandwa sami ngikulinde impilo yami yonke ucabanga ukuthi ngingakushiyiswa ukukhulphala never."

Gabi:"Ndoda umdala nawe cabanga wangikhulisa."

Sambulo:"Wena wafika ekhaya vele sengihlakaniphile ngiyakuthanga maShenge."

Gabi:"Angisazi isbongo sami kodwa."

Sambulo:"UngumaButhelezi khohlwa ngaleso sibongo."

Gabi:"Ngizoba nguye masesishadile."

Sambulo:"Ngiyakuthanda uyezwa."

Gabi:"Nami ngiyakuthanda, asambe ngiyakwazi masongibuka ngalamehlo lawa."

Sambulo:"Yazi ngijabule kakhulu nengqondo ivalekile ngathembisa ukufonela uNokubonga azange."

Gabi:"Uzokhona kumfonela singekho eMzansi?"

Amoyizele uSambulo ayolanda itablet yakhe ahlale phansi uGabsile aye endlini encane. Amufonele ngeskype. Ayibambe usisi wakhe babonane ahlahle amehlo uNokubonga.

Nokubonga:"Endeni wena?"

Sambulo:”Ngakhohlwa kukufonela ngiyaxolisa.”

Nokubonga:”Angisho lokho waba yisilwane nje zikhiphani.”

Sambulo:”Isilwane sani manje.”

Nokubonga:”Uyasabeka Sambulo maan ikhona into oyiphuzile?”

Adideke uSambulo aze azibuke esibukweni angaboni lutho.

Sambulo:”Ukhuluma ngani?”

Nokubonga:”Awufani nasemhleni kunobubhubesi kuwe ngathi uzongiluma roarrrrrrr.”

Ahleke uSambulo

Sambulo:”Uyabheda wena, fede.”

Nokubonga:”Kusathulekile nje ubaba nomamakho abakafoni nibuya nini kukhona la engifuna ungimukise khona.”

Sambulo:”Angazi sobuya nini ilist yaGabsile yezindawo afuna kuzihamba ngibona ngathi sobuya sesigugile.”

Ahleke uNokubonga

Nokubonga:”Makajabule umntwana kunini kwasa avalelwe ningabuyi ungasanamali mina ngeke ngikhone kugcwaliselana nani ngamashumi manifuna kuyothenga isinkwa emasulumaneni.”

Bahleke bobabili

Sambulo:"Ngeke ngibenenkinga futhi uyazi dade ngeke ngibenenkinga aslong azabe ajabulile.”

Nokubonga:”Uyamuthanda ne”

Sambulo:”Awufuni nokwazi, uthi ufuna kuyaphi?”

Nokubonga:”Ngifuna kuya kamamkhulu senginesikhathi ngimukhumbulile ngilokhu ngiziba.”

Sambulo:”Manje ufuna kuphelezelwa.”

Nokubonga:”Hayibo kumnandi manginawe hawu, manje usumtshelile uGabsile kuthi uyamuthanda?”

Angakaphenduli uSambulo aqhamuke uGabsile uyamubona ngemva kwabhuti wakhe ugqoke jumpsuit yakhe emfushane. Kudala azithandela kugqoka izigcebhe ukuthi bekamunqabele uSambulo, makafika ngakuSambulo amuqabule uSambulo abhekise itablet phansi.

Sambulo:”Ngikhuluma noNokubonga.”

Gabi:”Kuphi?”

Aphakamise letablet uGabsile ahlale phezu kukaSambulo ahlahle amehlo uNokubonga awavale ngesandla.

Gabi:"Sisi."

Nokubonga:"Segingasusa isandla manje?"

Gabi:"Uvaleleni amehlo vele."

Nokubonga:"Angifuni kubona izinto engingazazi, kukhona enifuna kungitshela kona engingakwazi."

Abheke uSambulo uGabsile avume ngekhanda abheke uNokubonga.

Gabi:"Ngiyamuthanda sisi."

Azibonele nje uNokubonga ukuthi uyamuthanda ngempela, akafanii nalenkathi amutshela ngoMduduzi manje ujabulile ukhululekile nje.

Nokubonga:"Ncooooo Gabi ngoba ikhehla leli nje."

Gabi:"Ngiyalithanda lekhehlake."

Bahleke bobabili uSambulo asibheke isithandwa sakhe noNokubonga azifundele kwezakhe kuthi ngathi sekukhona akufunayo.

Nokubonga:"Ngiyabonga ngokungifonela ngicela ningisendele isthombe senu njengoba nihlezi kanje."

USambulo sekasitheze ubuso bakhe ngomhlane waGabsile uqamele kuwo.

Gabi:"Sizosishutha manje bye."

Nokubonga:"Bye nana skwiza angisazi ngikubize ngani manje."

Ahleke kakhulu uSambulo emhlane waGabsile baluvale

Gabi:"Asambeke."

Asho asukume kuSambulo kepha yena angakhulumi

Sambulo:"Sekonakele sthandwa sami."

Amangale kuthi kukhulunywa ngani manje uGabsile amukhombise ngesandla phambili . Asuke ngejubane athathe isikhwama sakhe phezu kombhede ayophuma ngomnyango. Asale ahleka uSambulo athathe itablet yakhe yiyona azoyisebenzisa aphume. Babhekane bahleke bobabili makafika la ngaphandle .

Sambulo:"Manje wangibalekela?"

Gabi:"Hayibo awusuthi nawe kunini."

Sambulo:"Haaaa ngigcine sisaseKappa hawu."

Gabi:"Kubhlungu la ngeke uthole impela."

Sambulo:"Unesiqiniseko?"

Gabi:"100%."

Sambulo:"Asibheje mangabe sizoze sihambe la ungangiphanga uzofuna ini?"

Gabi:"Imoto."

Sambulo:"Kulungile kodwa mawungipha ngifuna izingane ezine."

Ahlahle amehlo uGabsile.

Gabi:"Kusho ukuthi uzothenga imoto ungabi nezingane futhi ngoba shame ngeke uze uyithole."

Azishaye isinqe aze asibheke uSambulo ahleke, baye la ekudliwa khona bahlale phansi bafake ioda labo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaBiyela🌼

Mlungisi:"Mama ngiyacineka manje angisakhoni."

MaBiyela:"Kahle ndodana kuzondlulula lokhu."

Mlungisi:"Mina sengifuna kuzilalela manje ngingasavuki, kunzima ma sengaze ngaba nesibhombo emzimbeni wami. Mawungekho kubenzima ngisho ukuzinwaya kanti kungani ngifela izono zikababa ma."

MaBiyela:"Kahle ndodana usuzwe ngobani ukuthi wenziwe izono zikayihlo ukuthi ubenjena ukugula lokhu mfanami sizoyithola indlela."

Mlungisi:"Mama kugula kuni okuhlula bodokotela bochwepheshe kuyimanje imali ayikho ngoba beningifaka ningikhipha kubochwepheshe nakubathandazi kepha kuyafana bonke ababoni lutho, hhayi mama."

MaBiyela:"Ndodana into engabonwa esilungwini kusho ukuthi abaphansi."

Mlungisi:"Hayi ma kahle bo."

MaBiyela:"Ngisaya edolobheni mntanami ngicela uvume ubaba akusize lentukuthelo yakho uyiyeke ubaba uphatheke kabi naye ngokugula kwakho."

Mlungisi:"Ngenziwa nguyena ma angifuni izandla zakhe ezimdaka kimi."

MaBiyela:"MLUNGISI SENGIKHATHELE MINA ILENZONDO UKWENZE KANJE KANJANI UYIHLO?"

Mlungisi:"Ngamuzwa akhuluma noNtombela la ngaphandle azange yena akutshele futhi sengikhathele ukuthula ngikhathele ilemfihlo."

Angene uBiyela ufica amaphaphu aphezulu kwinkosikazi yakhe iphefumula umlilo. Amangale naye ngoba akusiye umuntu othukuthelayo noma isimo singabanjani.

Biyela:"Ndlovukazi uhhodolozwa yini esweni?"

MaBiyela:"Ilendodana yakho baba ngikhathele mina nginenzela konke la endlini, ngiyaniwashela, phekela ikhaya lifuthumele manje ngifuna kuphuma akafuni. Naye ngiyamunakekela angibalisi futhi ngoba uyindodana yami ngiyamuthanda kepha anginalo uswane mina."

Biyela:"Mlungisi umenzani unina kanti."

Azithulele angaphenduli

MaBiyela:"Yiyonanto esiyibangayo lena, mina ngisayocoshacosha ezitolo baba sala nendodana yakho."

uBiyela akazi nanamuhla ukuthi indodana yakhe yamujikela esikhaleni nje kungani kumuzwisa ubuhlungu futhi lokho. Aphume umaBiyela basale

Biyela:"Ndodana sekuphele unyaka ungangikhulumisi angazi ngakona ngani ndodana ngicela ukhulume nami."

Mlungisi:"😰😰😰."

Biyela:"Ndodana uyingane yami yokuqala okumele ihlale esihlalweni uyazi umkhandlu mawungathola ukuthi angikhulunyiswa indodana yami ngeke baphinde bangibuyisele."

Mlungisi:"Kuphela kwento ekukhathazayo leyo isihlalo lesi wena owasimosha ngiyakuzonda baba ngenhliziyo yami yonke."

Biyela:"Ingabe ungithukuthelele ngenxa yokungasabi inkosi."

Mlungisi:"Anginamsebenzi mina nobukhosi kudala sahamba ebukhosini ngalwa ngathola indlela yokuthi sibe namatekisi angene nawo emgwaqeni anginamsebenzi nobukhosi."

Biyela:"Pho yini ndodana ulaka olungaka."

Mlungisi:"Baba ukube uzibhu wakho uyakwazi ukuwuvala ngabe angikho la, ngiyinto nje namuhla ubunsizwa bakho bungibeke kulesimo."

Biyela:"Ukhuluma ngani ndodana."

Mlungisi:"Ngamuzwa ubabNtombela athi mina ngiguliswa ilengane yakho esezinkalweni, makungatholakala yona ngingalulama. Awunandaba nami baba ukube uyangithanda ngabe kudala waphuma wagcwala iziganga ufunana naleyo nkosazana. Cha uduvile ngoba ufuna kubonakala ukahle emehlweni amama. Thatha ummese ungibulale manjeke kuncono ungibulale ngezandla zakho baba.,"

UMlungisi uqede inkulumo yakhe sekaphelelwa amandla sekakhohlela amunike amanzi uyise wakhe awashaye ngesandla awele le kude kuphuke naleyongilazi.

Mlungisi:"Ungangisizi ngibulale okuncono ngezandla zakho, phuma la ngizovuka makubuya umawami. Mina nawe siyokhuluma mhla wayofuna leyongane yakho."

Biyela:"Ngiyaxolisa ndodana kade ngimufuna ngathi umawakhe wavele wagwinywa umhlaba ngoba azange ngithole ngisho umkhondo lo."

Sekabheke le uMlungisi akafuni nokubona uyise aphume uBiyela uyabona ukuthi limushonele sekumele azivume lezono kwinkosikazi yakhe. Yena wayecabanga ukuthi uzoyifuna ingane yakhe ifike ithinte uMlungisi angachazi nokuchaza bese uyayidedela. Ilanga nelanga uzizwa abuthakathaka uBiyela ngalezinto ezenzekayo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaNokubonga🌼

UNokubonga ufihlela umndeni wakhe ngenhlalo yakhe emshadweni, akaxoxeli muntu. Ukhule engumuntu owayezithandela abangani ukuhamba azipholele nje namanye amantombazane kodwa wanele washada wakuqeda lokho umyeni wakhe kancane kancane. Wayengakunakanga eqaleni makamuhlukanisa nabangani bakhe asho kona kuthi sekashadile akusamelanga enze lokhu nalokhuya. Manje sekaqale nokumshaya uyamusaba akafuni nokutshela  abazali ekhaya. Yingakho afuna uSambulo amlande bazoya kwamamkhulu wabo.

Uhlezi manje ubukele umabonakude phela masekukhona umyeni wakhe kumele kubukelwe okufunwa nguyena kuphela. Manje izinto zakhe uzibukela seziphinda ngakusasa. Angene umyeni wakhe akukabi iskhathi sakhe sokubuya ekhaya. Asukume uNokubonga amuhlangabeze athathe isikhwama sakhe kuye.

Nokubonga:"Sawubona myeni wami ngiyakwamukela."

Nathi:"Ngiyabonga wenzani?"

Nokubonga:"Ngibukele isibaya sthandwa sami."

Nathi:"Ubukele umabonakude kunje endlini ngobani."

Nokubonga:"Ngiyaye ngihlanze indlu mangiqeda ukubukela baba nawe uzoyifica isanuka kamnandi."

Nathi:"Ngamanye amagama uthi uvuka uhlale detle mina ngisebenza kanzima kuze kube yilesikhathi ntambama bese usukuma masengizofika uhlanze indlu noma ushanela izibi uzifake phasi kosofa."

Azihlekise uNokubonga

Nokubonga:"Lutho Nkosinathi hawu ungabheka nawe."

Nathi:"Uyangeyisa Nokubonga ngiyakhuluma wena uyangihleka ukuthathaphi Iokho?"

Nokubonga:"Ngiyaxolisa myeni wami."

Nathi:"Usuqedile emalangeni akho?"

Nokubonga:"Angikaqedi."

Nathi:"Kulenyanga waya amalanga angaka kwenzenjani ngiyathemba awungiqambeli amanga."

Ahlale phansi uNokubonga akasayifuni lendoda akukho nje akhona kukwenza manje, kukhale ucingo lwakhe lisemabeleni ngoba akanaso isikhwama. Abeke isikhwama phezu kombhede aphendule ifone yakhe. Abone inombolo angayazi kanti uSambulo futhi.

Nokubonga:"Sawubona."

Sambulo:"Dade unjani."

Nokubonga:"Mmmm namuhla  wangishayela kangaka ngiyathandwa bo."

Sambulo:"Kahle dade kudala ngikuthanda hawu."

Nokubonga:"Ngikusiza ngani?"

Ahlale phezu kombhede avule isikhwama somyeni wakhe izimpahla abezigqoke emsebenzini kukhona nefone angayazi lapho ayithathe ayibheke akayazi makayibheka ivaliwe.

Sambulo:"Dade ngithumele ubabBaloyi azokulanda ngicela uyongibhekela eshisanyama le engalapho kukhona okuncane okungidingayo."

Nokubonga:"Inkinga ayikho uza nini?"

Sambulo:"Manje angifuni eze ntambama."

Nokubonga:"Kulungile ngizokuya."

Azilungise aphume sekagqoke ibhulukwe elimbamba kahle umyeni wakhe amangale makavela ngake.

Nathi:”Uyaphi?”

Nokubonga:”USambulo ufuna ngiyomenzela okuthile eshisanyama yakhe.”

Umyeni kaNokubonga uyamusaba uSambulo akalwi umu kunento ehlangene naye.

Nathi:”Sizohamba sonke.”

Nokubonga:”Phumula wena ubuya emsebenzini myeni wami ngizobuya ngokushesha.”

Aphume angakamuphenduli akhumbule sekasesangweni ifone yakhe ayishiye ngoba akukho okungenza aze afihle ifone. Uphangisela ukuthi umyeni wakhe angayiboni imoto futhi nayo ingafiki egcekeni lakakhe. Ngempela makasithela ekhoneni aqhamuke ubabBaloyi ayimise agibele ayokwenza akuthunywe ubhuti wakhe. Ahlale makaqeda uyazicabanga abantu bahlala bathi unendoda emuthandayo abazi akafuni futhi asebenze. Kuthi makushaya ihora lesikhombisa nezisebenzi sezihambile ubabBaloyi usamulindile ngaphandle. Aphume kuncono namuhla uke waphuma kancane ukuhlala endlini phela kuyadinana. Amangale ubabBaloyi kuthi usamulindile asondele emotweni makaqeda ukukhiya angene emotweni.

Nokubonga:”Baba bekungamele ungilinde bengizojika netekisi.”

BabBaloyoyi:”Hawu ubhuti wakho bekangangibulala nya akafuni ngani phela.”

Nokubonga:”Kungani bakubiza ngobaba mina mangicabanga ukuthi umuntu osokhulile kodwa ngathi umncane ekudeni.”

BabBaloyi:”Igama uThemba ubaba ongizalayo owayethanda kungibiza kanje nabangani nabo bajwayela.”

Nokubonga:”Awunandaba nje kuthi ubizwa kanje?”

BabBaloyi:”Nginguye nje uBaloyi anginankinga futhi angikaze ngibe nayo.”

Nokubonga:”Kulungile ngicela ungehlise la.”

Amangale uThemba

BabBaloyi:”Sekumnyama manje angikwazi umnumzane uthe ngikulande kwakho ngiphinde ngikushiye kwakho.”

Aqale akhathazeke uNokubonga amubone futhi uThemba kepha angasho lutho abone kuthi amushiye kudenyana kepha la azomubona khona makaya endlini.

BabBaloyi:”Kuncono la ngizokubheka uze ufike kwakho.”

Nokubonga:”Ngiyabonga Themba.”

BabBaloyi:"Uyakushaya umyeni wakho?"

Nokubonga:"Hawwu wena mawungibuka ucabanga ukuthi ngingavumela umuntu angishaye lutho."

BabBaloyi:"Kulungileke usungakhululeka."

Aphume uNokubonga asheshe agcine sekagijima kakhe kusemnyama akukhanyiswanga, angene avale isango alikhiye ayongena endlini akhanyise athathe lenyama eze nayo ayifuthumeze abeke ibhodo lephalishi. Aye egumbini lakhe akekho uNathi aphinde abuyele ekhishini kuvuleke umnyango angene uNathi avale umnyango awukhiye akhiphe isikhiyo asifake esikhwameni sakhe aqonde kuNokubonga amubambe entanyeni.

Nathi:"Soyangifebela manje?"

Nokubonga:"Angikwenzi lokho myeni wami."

Amushaye ngempama

Nathi:"Awukwenzi lokho awukwenzi kusho ukuthi mina nginamanga."

Nokubonga:"Angifebi."

Nathi:"Yingakho ungiqambela amanga uthi usemalangeni amasonto amane kukhona la soyithola khona, nalu ucingo lwakho uphume la uthi uyosiza uSambulo kanti unamanga ubufonelwe inombolo engingayazi. Ubuyaphi Nokubonga?"

Nokubonga:"Eshisa nyama myeni wami."

Amuphinde ngenye impama

Nathi:"Myeni wami myeni wami ngikhathele nguwe namuhla uzongazi kahle yingakho umama angangivumeli ngikushade wena ilobufebe bakho. Ubuyaphi?"

Nokubonga:"Eshisa nyama nje ngishilo."

Amushaye awele phansi uNokubonga amukhahlele alokhu ethulile phela akafuni bamuzwe nabomakhelwane ngoba intombazane yakhona yake yaganga nomyeni wakhe akafuni nje bahleke ngosizi lwakhe. Makabona ukuthi uthulile akasakhali. Athathe legedlela belibila lamanzi uNathi asheshe azivale ubuso makamuthela abhekise ubuso phansi amuthele emuhlane igedlela lonke liphelele kuye. Ngenxa yezinhlungu amemeze kakhulu akhiphe iphimbo angakaze alizwe kwayena uNathi. Kuzwakale kuqhuma okuthile ngaphandle isikhashanyana kubekhona ozama kuvula umnyango ukhiyiwe  kuthuleke futhi usakhala uNokubonga unathi usathukuthele amushiye khona lapho phansi ayobukela umabonakude. uNokubonga aphakamise ikhanda ubheka emnyango uthathe nesikhiyo azame kusukuma

Nathi:"Ngilambile ngifuna ukudla manje."

Azincenge bezwe kuthi gu ngasegumbini labo asukume uNkosnathi athi ayobheka kuwa ini uGabsile asale azincenga asukume. Umhlane wakhe uyababa ubuhlungu amangale umyeni wakhe aqhamuke sekahamba ngokuhlehla bese kuvela uThemba.

BabBaloyi:"Unesandla wena ne uyisikhokho phezu komuntu wesifazane."

Nathi:"Nokubonga ubani lo emzini wami."

Amushaye ngezibhakela  ubabBaloyi aye ayowela kusofa amushiye sekamabokoboko aphuma igazi. Abheke uNokubonga

BabBaloyi:"Hamba uyopaka izimpahla zakho zonke awusabuyi kulomkhukhu, ungazihluphekisa kanje unobhuti okuthanda kangaka. Umawami uthanda ukuthunga ngizomtshela athunge inzilo ngoba umyeni wakho uyagcina ukumbona aphila ungofileyo makubuya uSambulo."

Ahambe aye egumbini lakhe athathe izimpahla zonke athathe nezikaGabsile Lezi abazishiya kakhe makathi umubamba emhlane akhale uNokubonga amtshele ukuthi umushise ngamanzi. Ayomufaka emotweni nezimpahla zonke abantu sebabukele phela bezwile makakhala uNokubonga bezwa nobabBaliyi makazama kuvula isango ajike afake amanzi egedleleni awabilise awalinde igedlela malicima alithathe. Makasabona uNathi okuzokwenzeka kuye akhale amemeze kepha iphimbo lingafiki ndawo amuthele ngawo noma azame kucashisa ubuso kepha abuthole kancane. Afulathele ayongena emotweni ayisuse ashayise kwalelo sango. Uhlalile afuna ukubona lento ayisolayo uthe makabona uNathi aphuma kwamakhelwane ephelezelwa owesifazane bafike bacabuzane esangweni ebabhekile ubese uyasondela naye makazozwa ukukhala kukaNokubonga.......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Sebahlale cishe imini yonke olwandle uSambulo noGabsile babhukudile badlala badla bazidelisa seliyozilahla kunina manje sekunalomoyana obandayo kodwa ongabandeli kuthi gqoka ijazi. Balele ngezisu phezu kwengutshana abayindlale phansi.

Gabi:"Ngiyabonga."

Sambulo:"Ubongani?"

Gabi:"Kunginakekela."

Sambulo:"Ngiyabonga kuthi ungithande nami."

Gabi:"Uzongivumela ngisebenze masesishadile?"

Amuqabule ngamandla uSambulo

Gabi:"Hawu Sambulo."

Sambulo:"Ukhuluma ngomshado bambo lwami."

Gabi:"Wena ubungawucabangi?"

Sambulo:"Ngihlala ngiwucabanga  futhi ngangihlala ngikucabanga uyinkosikazi yami."

Asondele uGabsile amucabuze amuyeke makasazizwa ukuthi akasekho kahle, baphinde babhekane

Sambulo:"Asambe siyongena kokugcina, angisho lawa ngisho ngale ngasehhotela kunendawo yokubhukuda ."

Gabi:"Bazosivumela yini  ngoba akusanamuntu ngaleskhathi."

Sambulo:"Sikhokhile phela mangabe abafuni sizongena bangaboni."

Gabi:"Ubonile angikwazi ukubhukuda."

Sambulo:"Ngeke uminze unami buya futhi iswimmingpool ayifani nolwandle."

Aphakame amubambe ngesandla bathathe izinto zabo bahambe kancane babambene ngezandla bayaxoxa balokhu bema bacabuzana baqhubeke ngohambo lwabo. Abanaki nabantu abaphambana nabo bazibona kuyibo kuphela.

Gabi:"Kanti ukuthanda kanje ukudlala ngangihlala ngikubuka ungumuntu osabekayo oserious njalo."

Sambulo:"Ngidlala ngoba nginawe ngijabulile."

Gabi:"Nami ngijabulile sthandwa sami ngathi lomhlaba awunankinga nakancane."

Sambulo:"Masisobabili sibambene sizozinqoba izinkinga."

Gabi:"Ngiyakuzwa."

Sambulo:"Uyazi ngeke kuhlale kumnandi kanje."

Gabi:"Usho ukuthini?"

Sambulo:"Kuyaxatshanwa angithi kepha okubalulekile ukuxhumana."

Gabi:"Ushintshile yazi selokhu sihambile."

Aambulo:"Ngishintshe njani?"

Gabi:"Angazi ngichaze kanjani kepha ushintshile."

Sambulo:"Ngiyathemba ushintsho oluhle."

Gabi:"Oluhle kakhulu ngathi uzothi wwaaaaa bese kubaleka wonke umuntu."

Sambulo:"Hayibo kahle asiqhubeke."

Bahambe bebambene ngezandla abasagijimisani bakhathele imini yonke bebadlala, bafike kunezithandani zilengise izinyawo zazo emanzini kepha bagqoke izimpahla zabo. Babingelele bayohlala kolunye uhlangothi, angene kuqala uSambulo emanzini bese wamukela uGabsile abayingeni indaba yalezithandani ezinye nazo zibhekene emehlweni.

Makamubeka phansi nje uSambulo amuhlasele emlonyeni ngokiss bacabuzane kushe iphimbo kuGabsile azame kumususa kodwa angakhoni ngoba amandla aphele wonke amehlo avaliwe

Gabi:"Asambe siyegumbini lethu."

Sambulo:"Ngeke ngisafika ngikufuna manje."

Gabu:"Bazosibona."

Sambulo:"Ahhh Gabi ngeke basibone."

Afake isandla sakhe phakathi kwephenti aligqokile uGabsile isandla asimukise ekudeni aphambanelwe ikhanda uGabsile...( 🍆🍆)

Aze akhiphe elinye iphimbo uGabsile zisuke nalezithandani bezihlezi.

🌼Gabi 🌼no Sambulo🌼

Angene emanzini kuqala uSambulo bese umukela uGabsile athi angamufaka emanzini amuhlasele ngokiss. Bacabuzane izingqondo zishiyane. Afake isandla sakhe ngaphansi uSambulo asifake ngaphansi ephentini isandla sakhe siqonde kwipunani yakhe.

Gabi:"Bazosibona Sambulo asibuyele egumbini."

Sambulo:"Ngeke ngilunge sthandwa sami ngikufuna manje ngeke ngisafika."

Bacabuzane futhi isandla asikaphumi ephentini naye sekafenda isandla sikaSambulo, lomlenze ulokhu uzama ukuwuvala. Sekamucindezele uSambulo emthangaleni weswimming pool sekasabeka  akabhekeki ufuna lokhu akufunayo.

Sambulo:"Baby girl."

Gabi:"Ngiyakuthanda Sambulo."

Amuqabule futhi azikhiphe isitho sakhe uSambulo achelise iphenti eceleni alunguzise isitho sakhe lapho eceleni. UGabsile abelokhu aminye imilenze manje azivulele yena awuphosele le umlenze kubelula kuSambulo ezwe naye ukushisa kwakhona kuthi angangena. Awubeke emlonyeni wepunani  bese uyawufaka.

Gabi:"Ahhhhh baby yes."

Lezithandani zisukume zibashiye lapho zixoshwa iphimbo likaGabsile.

UGabsile usemoyeni uSambulo ezakhe izinyawo zinyathele phansi, umugaxe ngemilenze yomibili okhalweni. USambulo umunamathisele emthangaleni uyamufenda. Bobabili lokuxhumana abayiko abakhoni kukuchaza. Umufenda kancane ngathi banikana imiphefumulo, uSambulo uphefumula lokhu okukhishwa uGabsile naye uGabsile uphefumula lokhu okukhishwa uSambulo. Akekho ovale amehlo babukene. Amenze kancane kwehla izinyembezi kuGabsile uSambulo azisule ngokuzicabuza aphinde amubheke. Ngenxa yamanzi ngathi bayabhampa la emanzini. Makawufaka awukhipha uSambulo namanzi ayalekelela enze kushelele nje kamunandi.

Gabi:"Kumnandi."

Sambulo:"Ngempela?"

Gabi:"Ahhhhhh ayman Sambulo."

Sambulo:"Shhhhhhhhhh."

Amucabuze makahluleka kuthula elokhu ekhala uGabsile. Baqhubeke baxoxe indaba yabo yothando ngamehlo babukane. Akekho omoyizelayo kepha bayaxhumana bathakasile. Akhuphule kancane ispeed uSambulo

Gabi:"No akukaphumi lutho kimi ngicela ungachami."

Sambulo:"Ohk baby girl, damn umnandi baby girl."

Gabi:"Ngicela kuphenduka."

Aphume uSambulo amufulathele uGabsile athalaze uSambulo amuvule izinqe ngaphakathi kwamanzi uGabsile naye sekagxamalazile angene afende abone kuthi uyarobheka amuphakamise umlenze owodwa awukhiphele ngaphandle kwamanzi amubambe sekeme ngenyawo elilodwa uGabsile. Amufende kanjalo amufende

Sambulo:"Ahhhhh baby damn I'm gonna come."

Gabi:"Fast sthandwa sami sekuyasondela ohhhh wema kumnandi Sambulo."

Abone ngokuqinana uSambulo nayilokushisa kuye egwayini kuthi ukuvutho ndaba uGabi, athi angaqeda aphume uSambulo amuphendule.

Sambulo:"Mina ngifuna kukubona emehlweni mangichama umuhle."

Amoyizele uGabi azivulele izinyawo zakhe. Amungene nezinyawo zombili zisemile phansi uzihlukanisile nje. Amenze kanjalo makasezwa kuthi uyashisa manje sekafuna kuqeda ayiphakamise lemilenze amubambe ezinqeni lezi ngezandla zombili amufende. Ngoba angasamucindezelanga emthangaleni balokhu bamuva kancane makazilungusa kuthi afende kahle. Izandla zikaGabisile zimugaxile entanyeni kanti ezikaSambulo zisezibunu zikaGabsile.

Makabona kuthi sebasukile kancane emthangaleni abuyele selifuna kuphuma kancane mabashayisa emthangaleni nogwayi ungene uphelele wonke kuGabi. Aze aqume uSambulo uqunyiswa ubumnandi amufende asheshe. Line izulu akekho ocabanga kuyeka omunye sekumnyama manje baqinisene iyithele imvula ngamandla.

Sambulo:"Ahhh Gabsile gabi."

Amenze aphangise noGabsile afende naye aphangise baphinde futhi bachame ngesikhathi esisodwa uGabsile sekayamemeza futhi ikhanda alikho uzocabanga ngani kuthi abantu bangamuzwa. Balokhu babhekene uSambulo akafuni asuse amehlo wakhe kuye ulokhu uyamucela .

Sambulo:"Ngibheke mamakhe ngibheke baby girl."

Bachame baqede ahlale isikhashana ngaphakathi ugwayi uze uziwele wona bese uyaphuma amucabuze.

Sambulo:"Asambe."

Sambula:"Bekunjani."

Gabi:"Bekumnandi."

Sambulo:"Bengicabanga ukuthi uthe ngeke usangipha, ngiyakufunake okwami siyezwana."

Amoyizele uGabsile.

Gabi:"Imoto kusho ukuthi ngeke ngisayithola wena umdala uyangiqinela."

Bamoyizelelane

🌼

🌼

🌼

Mabaqeda sekuna imvula bamanzi vele ayibakhathazi ngalutho uSambulo uyazi akafuni ngezinwele zakhe uGabsile akhumule iskibha sakhe amufase sona ekhanda yize simanzi nazo lezinwele kuyafana sezinethiwe.

Sambulo:"Asibuyele phakathi sthandwa sami."

Baphume emanzini athathe izinto zabo uSambulo babuyele egumbini labo..

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T🌼

ISIQEPHU 11🌼

UThemba waya noNokubonga kamamakhe makabuya naye esibhedlela, akalimalanga kakhulu emhlane kwase kuba nezibazi zokushaywa nje nazo azenzanga monakalo omningi. Avule umawakhe ababheke ngokumangala.

Themba:"Sawbona ma."

MamaThemba:"Baloyi lebhusmane manje?"

Abheke phansi uNokubonga uThemba ahleke

Themba:"Mama usisi kaSambulo lo, akekho kahle uzolala la isikhashana ngicela ungibhekele yena."

MamaThemba:"Akekho kahle kwenzekeni ngaye."

Themba:"Uzokutshela yena makafuna, uyazi ngeke ngiye naye endlini uSwazi uzongicabangela."

MamaThemba:"Cha nami ngiyakucabangela vele lepentshisi aliyi ngani kubo banomuzi omkhulu kangaka."

Themba:"Nokubonga umawami lo unenhliziyo enhle kabi ungathuswa ilenkulumo yakhe. Ngizokubona kusasa sekumele ngihambe."

Nokubonga:"Ngicela kuhamba nawe babBaloyi kusasa uzongiyisa kamamkhulu ngiyasaba."

MamaThemba:"Pentsisi ngeke ngikudle mina yekela isandla somfana wami, hamba wena lomfazana wakho omnyama uzoza sekachiphiza la athi ufike ebsuku."

Themba:"Mama kuzoba inkosikazi yami njalo leyo yekela kumbiza ngomnyamane."

Uyamoyizela uThemba kepha ubheka uNokubonga umawakhe amubheke aze afifiyelise amehlo.

MamaThemba:"Buya pentshisi mhlawumbe wena uzongenza ugogo kubogogo uzalele uThemba izingane ezikhanyayo eyyyy lamadolo ayangihlupha namuhla."

Abashiye lapho babhekene uThemba athuke uNokubonga sekamuhaga angagadanga naye amuhage makathi uyaphenduka umamThemba ngoba akazizwa izinyawo zikaNokubonga zimulandela amangale.

MamaThemba:"Themba nizobhebhana kanti la emzini waBaloyi sekazihambela nje."

Ahleke kakhulu uThemba ayeke uNokubonga osonamahloni umama kaThemba phela usekhulile nje manje legama alikhiphile liyamuswabisa uNokubonga.

Themba:"Mama ngizanibona kusasa ngiyakuthanda yezwa ."

MamaThemba:"Hayisuka hamba, buya nawe umuhle kakhulu ungaze ubhejwe  ulokhu ulandelana naboThemba."

Aphume uThemba basale bangena egumbini

MamaThemba:"Ungusisi waSambulo vele ngane yami?"

Nokubonga:"Eya ma."

MamaThemba:"Ubulwa nobani ngoba unjena benibanga uThemba?"

Nokubonga:"Cha ma bengingalwi."

Abeke izandla ebusweni uNokubonga akhale asondele umamaThemba amushushuzele asidedele isililo uNokubonga. Akakaze atshele muntu ngalento yokuhlukunyezwa kwakhe manje ngoba umama Themba amubuza akhale makasathulile.

MamaThemba:"Ngingakwenzela ukudla?"

Nokubonga:"UThemba ungithengele la endleleni ma."

MamaThemba:"Mntanami  ingabe isoka lakho elikwenza nje?"

Nokubonga:"Umyeni wami ma, kudala aqala ma ngisaba nokukhuluma ekhaya ngoba ngiyazi uSambulo uzombulala."

MamThemba:"UThemba umshiye asaphila kanti na?".

Avume uNokubonga

MamaThemba:"Lala sesi ngizokubona ekuseni."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Ekappa🌼

UKhans ufike waya safehouse yabo abayisebenzisayo yaziwa yibo kuphela .

Cleo:"Ulokhu uthi ngeke ungilimaze kodwa ungivale amehlo masiza la, namanje ngigadiwe kanti ngenzeni Kabelo."

Kabelo:"Ngeke ngikulimaze ngempela mawungahlala nje phansi uvale lomlomo wakho."

Cleo:"Ingabe uyazi uThabs ukuthi ungebile?"

Kungene uKhans athuke uCleo makamubona uyasatshwa phela uKhans sekezwe uBudayza akhuluma ngaye kaningi nje.

Khans:"Cleo ubani owakwenza lomdwebo wemamba, ungangiqambeli amanga ngiwazonda kabi amanga."

Cleo:"Ahm ahm  omunye nje ngangisizana naye."

Khans:"Igama."

Cleo:" UMduduzi Biyela."

Khans:"Nguye lo ofuna uGabi?"

Avume ngekhanda uCleo

Cleo:"Uzongibulala baba?"

Khans:"Ngeke, awungitshele ngobudlelwane bakho naloMduduzi."

Abaxoxele konke

Khans:"Psycho sidila ngehlanya la Kabelo."

Kukhale ucingo lukaKabelo alubambe makaqeda ukukhuluma

Kabelo:"UZozo uye wangitshela ukuthi basayine out ehhotela bebabukeka bejahile kusho izisebenzi. Ngibese ngishayela omunye okhona kuganga ngetechnology samubheka esikhumulweni sezindiza."

Khansi:"Nabathola manje?"

Kabelo:"Asiphume kancane."

Baye ngaphandle

Kabelo:"Uthathe indiza eya eDubai."

Khans:"Lomfana madoda lengane iyamusanganisa ngempela, kukhona abantu bami eDubai ngizobathinta kuthi babenzele ama fake documents baphume ngawo khona. Phela ngoba nibatholile naloMduduzi angabathola."

Kabelo:"UCleo uthi unemamba emhlane."

Ahlahle amehlo uKhans

Khans:"Uyazi lokho kusho ukuthini."

Kabelo:"Angazi."

Khans:"Uyingozi ngokweqile lethimba labo uma umuntu ebonisa amandla ubuhlakani nokungasabi  kweqiniso mabasempini bamunika umdwebo emhlane. Kumele sithole lengane yakhe angazi ngayo ngizoyifaka eboarding school, makufika isikhathi sizogadla ngayo."

Kabelo:"Kulungile baba."

Babuyele phakathi

Khans:"Ntombazane lento eqeda kwenzeka ungayikhulumi namuntu ngisho noma ungajabula kangakanani ungayithi vuu."

Cleo:"Ngeke baba uMduduzi nami angimufisi sengikhathele ilento ayenzayo."

Khans:"Ngicela ungiphe lendodana yakho ngizomufaka eboarding school nawe uzomuvakashela ngendlela ofuna ngayo."

Cleo:"Ngicela ningamulimazi umntanami yena akazi lutho."

Kabelo:"Asizilimazi izingane khululeka."

Cleo:"Makazothola imfundo nempilo ekahle kuzoboncono.""

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Ekuseni eDubai🌼

Avuke uSambulo kukhona ongqongqozayo aze acasuke lezisebenzi azibavusi nje abheke isthandwa sakhe silele. Agqoke ishothi yakhe yodwa ayovula athuke kuvele kungene amadoda amabili amade alaphaya abelungu. Bazingenele yena aqonde embhedeni omunye akhiphe amaphepha.

"Khans sent us to you, take this fake documents and leave Dubai using this. Someone is looking for your woman."

Sambulo:"Khansi knows me better I don't play hide and seek I'm not gonna run."

“You better go because we are not prepared for war, we only need a week  to prepare, take your woman to Brazil or Miami or Paris wherever. Just let that fool come and camp here thinking that you are still here. Khans loves you son don’t be a fool.”

Sambulo:”Thank you.”

“I’m Blade by the way take care.”

Baphume akudingi nokuthi azibuze ubani loyo avale umnyango awukhiye aqoqe zonke izinto zabo ahambe ayogeza makaphuma sekavukile uGabsile. Amuhage

Sambulo:”Sthandwa sami ufuna siyephi futhi siyahamba manje.”

Amangale uGabsile

Gabi:”Hayibo iDubai asikayiboni nakahle sthandwa sami.”

Sambulo:”Ngiyazi nana ukuthi ngifuna kukuhambisa umhlaba wonke ngoba masibuyela ekhaya ngizobamatasa emsebenzini hleze kuzophela amalanga amabili singabonani.”

Gabi:”Kungenzeka lokho vele ngeke ngivume, well ngifuna kuya eParis city of love.”

Sambulo:”Paris it is then my love hamba uyogeza lesinqe esikuncintshise imoto ngalokuhhala.”

Gabi:”Mxm awuhlekisi njalo.”

Ahambe ayogeza asale asusa konke okungokwabo aqede uGabi sekusele into azoyigqoka neyokugcoba agcobe agqoke.

Gabi:”Izolo nginethiwe izinwele zami azingichazi ngicela sindlule esalon okungenani.”

Sambulo:”Hlala phansi ngikubophe amagoda ngokushesha, uzothenga iwiki la endleleni.”

Ahlale phansi

Gabi:”Uyakhumbula ukuthi wawuhlala ungiqhina ekhanda.”

Sambulo:”Phela ngangicasuka masiya lapha kaThami kunguye owenza izinwele ngithi nje ngeke abambe inkosikazi yami lo ekhanda layo.”

Gabi:”Bhuti wena kudala ungigwinyela amathe bengisasemuncane ngenkathi ngiqhina kaThami.”

Sambulo:”Ngakubona usagqoka ipampers ukhasa la e endlini kuthi lo ngizombamba esami lesinqe.”

Bahleke makaqeda ayogeza izandla baphume nezikhwama zabo, bahlangane nalezithandani abazibone izolo eswimming pool. Abenamahloni uGabsile angene ekhwapheni likaSambulo bamoyizelelane  lomlisa abheke uGabsile makathi uphakamisa amehlo wahlangana namehlo kaSambulo ngokushesha wabheka le wabamba isthandwa sakhe naye bandlulana. Lentombazane yabingelela

“Sanibona.”

Gabi:”Unjani sisi?”

“Ngiyaphila wena?”

Gabi:”Ngiyaphila.”

USambulo makaqeda kumabhalane athathe izikhwama bahambe, mabangena emotweni ebalandile nje ikhona emayo nabo bayibone. Ivuleke uSambulo alalise uGabsile kuye ngoba uyayisola lemoto ngempela kwehlike uMduduzi ugqoke ezimnyama kukhona nezinye ezimbili kwehlike abanye nabo bagqoke kumnyama. Amangale lomfana umfuna kangako uGabsile vele kuthi aze amulandele ekudeni kanje  uphethe induku enekhanda lenyoka iyigolide.

Sambulo:”Mshayeli sishaywe isikhathi ngicela uyinyathele.”

Gabi:”Ahhhh bhuti  asidlanga.”

Sambulo:”Ulambile na sthandwa sami?”

Gabi:”Cha angilambanga ukuthi kwamele sidle ekuseni hawu.”.

Sambulo:"Sizodla endizeni."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaBiyela🌼

UBiyela uhlale walinda inkosikazi yakhe afuna kuyivulela isifuba sayo ngoba uwezwile amagama aMlungisi ahlabayo. Uthe mayifika inkosikazi yakhe wayipakisa izimpahla wayiyeka yayobona indodana yabo.

MaBiyela:”Hawu Mlungisi uzimoshile kwalephi ukuthi ubize ubabakho akusize uye endlini encane.”

Athule angaphenduli uMlungisi umamakhe amubhekisise amubone ahlahle amehlo abheke endaweni eyodwa.

MaBiyela:”Baba baba baba.”

Eze agijima uBiyela

Biyela:”Mlungisi ndodana Mlungisi.”

Ngaleso sikhathi kubekhona omemeza emnyango.

Iphimbo:"Baba Menziwa Ndabezitha ngiyakhuleka baba."

Biyela:"Letha amanzi ndlovukazi ngathi kukhona okumkhamile, uvulele noNtombela."

Avule umnyango umama kaMlungisi athathe amanzi awanike umyeni wakhe sekahlalise indodana yakhe ngezinqe amuphuzise azame kumushaya esifubeni. Angene uNtombela asondele kuMlungisi amubhambathe esifubeni akhohlele kabhlungu akudonse lokukhohlela uMlungisi. Makabona ukuthi uzimosile aswabe abe namahloni.

MaBiyela:"Ungakhathazeki ndodana ngisayofaka amanzi ebhavini."

Biyela:"Ngizomuletha ndlovukazi."

Ntombela:"Kancane nje, ngithunyiwe lapha ekhaya Ndabezitha."

Biyela:"Ngilalele."

Ntombela:"Sengibonisiwe indawo la inkosi ezolulamela khona, asikho isikhathi ngicela nimulungise ngizomuhambisa."

Biyela:"Sizolunga sonke Ntombela ngeke nje ngivumele indodana yami iyolashwa la ngingazi khona."

Ntombela:"Inkinga ayikho nalapho kepha inkosi kuphela ezobanendawo yokulala wena ninendlovukazi angeke. Nimulungisele konke kahle ngoba indlela ende azokwazi kunethezeka la endleleni."

Mlungisi usakhohlela kodwa sekunconywana bamubheke

Mlungisi:"Baba kukanjelwe ngezihlahla eziluhlaza lapho, indawo emakhaza kakhulu?"

Ntombela:"Haaaa Biyela yikhona impela bakuvakashele bobabokhulu nawe."

Mlungisi:"Kudala ngiyiphupha leyondawo."

Ntombela:"Ngicela ungitshele iphupho lonke."

Mlungisi:"Ngingena khona ngiphethwe ubaba uBiyela kepha mangiphuma sengiyazihambela."

Ntombela:"Kuyacaca nkosi encane ukuthi uzophila khona, ngicela nimulungise mina sengilungile ngizolinda khona la ngaphandle."

Angabinenkinga manje uyise wakhe makamuphakamisa bamugeze bobabili abazali bakhe.

Biyela:"Ndlovukazi susa lezingubo ngale phansi ngizomqedelela, kumele upake nezimpahla asazi siyohamba isikhathi esingakanani."

MaBiyela:"Ngicabanga uNtwenhle baba makangafika singekho sonke indodakazi yami encane nje."

Mlungisi:"Sala mama lababafana bami bazokubheka uyazi nawe ngizohamba nobaba."

Kubemnandi ngaphakathi kuye uBiyela makezwa indodana yakhe ikhuluma kahle ngaye futhi iyamuvumela ayigeze.

MaBiyela:"Ngeke nje nifike senibulelene la kuyiwa khona baba?"

Biyela:"Kahle ngehaba ndlovukazi ngeke."

Aphume ayolungisa nabo baqede sekanuka kamnandi manje bamutotobise bayomufaka emotweni bathathe nezikhwama .

MaBiyela:"Nkosi yami ubuye nendodana yami iphila."

Biyela:"Khululeka ndlovukazi yami."

Agibele ashayele uBiyele sebayiqondise la kuyiwa khona endaweni abangayazi abangakaze banyathele kuyo. Sekuhlwile ngoba bahamba nje.

Emva kwamahora ayisikhombisa bafike kudala bahamba ngoba bebahamba bema yonke lendlela uBiyela akakwazike kukhuluma nefone eshayela inkosikazi yakhe mayimufonela abemisa imoto eceleni bakhulume.

Ntombela:"Uyishayile nkosi yami amehlo asabona."

Biyela:"Asabona Ntombela ngibonga sesifikile manje."

Bangene emgwaqeni owubhuqu omuncane kakhulu, ayincenge uBiyela aze aqhamukele emzini omkhulu omhlophe. Kunezinye eziningi ezincane amise imoto esangweni angangeni kodwa kuphume uNtombela athi usakhuleka livuleke isango lezinsimbi zipendwe ngombala omhlophe nawo.

Ntombela:"Ngena nkosi yami."

Angenise imoto ubabBiyela ayimise celeni kwenye yezindlu aphume naye emotweni, basathithibele nje kuphume abesifazane abathathu bagqoke okumhlophe nabo.

"Iphi inkosi.?"

Babhekane

"Kade nginilindile unyaka wonke ngizama kunithola, nazi izimpahla mugqokiseni zona nizongena kulowaya mnyango naye makaqeda ukugqoka."

Bafulathele labesifazane bathathe lezingubo ezimuhlophe boBiyela bayogqokisa uMlungisi izimpahla ezimhlophe qhwa ezinganabala. Bamehlise kahle beze naye kancane bayongena kulendlu abakhonjiswe yona kunombhede kungene owesifazane.

“Umama uthi nginitshele inkosi izolala la, ekuseni ucela ibe seyiready ngehora lesithathu.”

Afulathele igumbi leli linombhede ombeswe ngokumhlophe kuphela

Mlungisi:"Baba ngizolulama la ngiyezwa nasegazini angifani naseqaleni impilo ikhona la Ntshangase.”

Biyela:”Phumula ndodana kuthiwe sikuvuse ngehora lesithathu manje sezigijimela phakathi nobusuku.”

Angene engubeni

Mlungisi:”Nina nizolala kuphi?”

Biyela:”Ungakhathazeki ngathi ndodana singaya nasemotweni.”

Bamulinde azumeke bese bayaphuma babuyele emotweni yabo kuthulekile kulegceke kukhanya bha futhi nabo abanalo uvalo.

Biyela:”Ngathi umuntu usezulwini Ntombela konke kumhlophe nje.”

Ntombela:”Ungasho uliphinde.”

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIREPHU12🌼

UMduduzi angene kulehhotela ashaya esincane uyazizwa ukuthi uGabi sekamutholile yize amudinile bekazitshela ukuthi uzomubulala manje uzomuthatha amenze izigcila sakhe socansi. Umqondo wakhe uyamutshela nje ukuthi lokho ukwenziswa uthando analo ngaye. Bonke abantu bazibonele ukuthi bayingozi labantu abangenayo babadedele nasendleleni. Bagqokile bonke umfanekiso wabo konke kunemamba amabhulukwe angamajini esikhwameni sangemuva kunemamba isikibha ngasebeleni lokunxele kunemamba, yena uMduduzi ubese ubuyisa ijazi elide elimnyama la emhlane linemamba ekhamisile. Kwamehlo ayo mawubhekisisa kulejazi ayathusa ungafunga ukuthi imamba yangempela . Akalifasanga ijazi lakhe afike kubomabhalane nabo sebathukile afike eme amehlo akhe ahlangane noyedwa.

Mdu:"Ngifuna amagumbi amahlanu."

Achofoze umabhalane kwikhomputha

Mabhalane:"Ahm sir we only we, ahm we only have 4 sir."

Mdu:"I want 4 sweetie pie, make a plan."

Umabhalane abathe uyachofoza kufane nje babhekane bobabili bomabhalane lo obhekene noMduduzi sekahle ufuna ukukhala uMduduzi umubheke ngqo emehlweni abonogada nabo ngathi bakhohliwe umsebenzi wabo noma bayazishalazelisa.

Mdu:"Hayibo is your plan working or you need my magic touch."

Mabhalane:"Sir please can you take this 4 rooms I'm sure by tomorrow we will have another one."

Mdu:"Don't piss me of, when I'm pissed I get horny I'm sure you don't want to see me horny."

Athuke umabhalane angazi athini lezithandani ezibone boGabsile eswimming pool sebazwela lomabhalane. Lowesifazane asondele kancane.

"Ahm sorry sir Rosie I'm not sure if you've noticed that there's a couple that left just now, did they check out?"

Kube khani akhumbula uRosie phela umuntu makaphuma igumbi alitholakali ngokushesha kumele lihlanzwe kuqala kahle.

Rosie:”Ohhhh yes thank you, sir if you don’t mind the other room will be available in an hour or so please.”

Mdu:”Fair enough, ubani igama lakho?”

Asho sekabheka  lentombazane esize uRosie.

“UNtombi.”

Mdu:"UNtombi du?"

Ntombi:"Ntombenhle."

UMduduzi abheke isoka lakhe nalo limubheke ligcine selibamba uNtombenhle wakhe amuqinisa aphinde abafulathele uMduduzi. Umabhalane abanike ukhiye bahambe amehlo kaMdu angasuki kuNtombenhle mabasithela.

“Uyabona lento yokuqina kwakho Ntombenhle besikhona isidingo sokugxambukela ezintweni zabasebenzi.”

Ntombenhle:”Ngiyaxolisa Bheki uRosie bekasafuna ukukhala umubonile.”

Bheki:”Ubozifundisa ukunaka okufuna wena, asambe sibuyela emzansi namuhla ngiyayinqamula leholide.”

Afulathele uBheki balandelane bayongena egumbini labo.

Ntombi:”Awukwazi sthandwa sami, sisasalelwe izinsuku ezintathu imali engaka yona.”

Bheki:”Umubonile lomuntu abekubheke kanjani Ntombi abantu abafana naye bathatha ngenkani nami ngeke ngikhone nokukuvikela mina.”

Ntombi:”Ngekeke Bheki sesingahanjiswa umuntu ongasazi asikaqedi nalento esizoyenza la.”

Bheki:”Wena unjalo konje mina ngizoshayela ubabakho ucingo manje ngimazise..”

Asho akhiphe ucingo lwakhe aluchofoze alubeke endlebeni

Bheki:”Baba asiboni ngaso linye sinoNtombi futhi.”

Baba:”Senibangani futhi manje?”

Bheku:”Kunabantu abafikile baba bayasabisa bagqoke izimpahla ezimnyama zomfanekiso onemamba, bebaxabana nomabhalane wehhotela.”

Baba:”UNtombi wazifaka naye wazenza iqhawe njengasemhleni.”

Bheki:”Yebo baba manje mina ngithi asihambe la ngoba ngibone iso bekamubheka ngalo uNtombi kuyacaca uchazekile ngaye.”

Baba:”Mkhwenyane munike ucingo.”

Amunike ucingo amuthethise ubabakhe bese uvala locingo sekathukuthele ayozivalela endlini yokugezela. UBheki wasala abhukha indiza ngebhadi isikhala basithola ebusuku ngo10, aphume sekaqedile ukugeza uNtombi ucasukile akafuni nokubheka isoka lakhe.

Bheki:”Sthandwa sami bekumele ngimushayele ubaba.”

Ntombi:”Ngiyahamba angithi ngicela uvale lomlomo wakho ulokhu ungicefezela nje.”

Athule uBheki abheke phansi.

Bheki:”Ubufuna ngenzenjani kodwa Ntombi?”

Ntombi:”Wena into encane ugijima uya kubaba lento seyiqala kungicika nje mina.”

Asondele kuye uBheki athi ufuna kumuhaga, amuvimbe ngesandla.

Ntombi:”Uyangishisisa awume Bheki.”

Bheki:”Ngisayothenga ukudlake ezansi ngoba sigcine singadlanga.”

Ntombi:”Whatever.”

Bheki:”Buya uzokhiya.”

Aphume uBheki sekadangele uyamuthanda uNtombi akazi kungani amuphatha ngalohlobo, sekukaniki amubamba nabantu besilisa uthanda labantu abaphila impilo esheshayo bese yena umubona njengesilima. Wazitshela nje ukuthi uzomubekezelela aze akhule kulezinto azenzayo, uyakhumbula mhla athembisa umama kaNtombi kuthi uzoyinakekela indodakazi yakhe ngempilo yakhe yonke.

Egumbini uNtombi usale wangena engubeni ngoba lemvula isana kancane nje iyabandisa, kuvuleke umnyango angabheki nokubheka uyazi mhlawumbe kukhona akukhohliwe uBheki uhlala akhohlwa izinto moso.

“NTOMBENHLE.”

Athuke aphakamise amehlo ilomlisa wezinto ezimnyama adonse ingubo ayibeke esifubeni kuthi sivaleke ingani ugqoke iphenti nje ubra akawufakanga futhi.

Mdu:”Ungowakabani?”

Ntombi:”NgingowakaHadebe  ngicela uphume isoka lami ngeke lijabule likufica ula ngingagqokanga.”

Amoyizele uMdu avale umnyango akhiye asondele azohlala embhedeni.

Mdu:”Mthimkhulu cha umuhle ngicela kukubona.”

Ntombi:”Ungibona ungibonani ngicela ungihambele.”

Mdu:"Sukuma ungivulele umnyango phela umuntu mayexoshwa uvulelwa umnyango."

Ngalesbindi anaso uNtombi nokuzethemba avuke aqonde emnyango afike awuvule, bese uzibamba okhalweni, uMduduzi amubheke asukume afike avale umnyango abeke izandla zakhe zombili emnyango osovaliwe uNtombi sekavaleleke phakathi kwezandla zikaMdu. Iphunga lakhe kube ngathi liyamudaka aphambanise izinyawo zakhe uNtombi. uMdu ehlise amehlo amubheke achazeke ngoba uyabona ukuthi umulimazile naye njengoba alimele. Amubeke umlomo wakhe kuye uNtombi sekaphefumula kabuhlungu ngathi uyakhameka. Athathe isandla sakhe asibeke phambili kuNtombi amuzwe kuthi umoshakele umanzi bese uyamuyeka. Azivule uzibhu webhulukwe akhiphe isitho sakhe uNtombi asibheke azilume umlomo wangezansi. Kube nenokhi emnyango

Mdu:"Shit."

Bheki:"Baby ngivulele."

Mdu:"Uhlala kuphi, nibuyaphi?"

Amutshele uNtombi.

Mdu:"Nibuyela nini emuva?"

Bheki:"Baby vula bo."

Ntombi:"Namuhla ngo10 ebsuku."

Mdu:"Shit shit naBhungane ngizokufuna ngikuthole."

Abeke isitho sakhe kwesaNtombi asihambise phezulu nje bese uyamucabuza noNtombi amubambe naye bacabuzane.

Bheki:"Baby ulele na?"

Bayekane akhiphe umgexo owodwa wesandla uMduduzi unomfanekiso wemamba nawo kepha awubonakali. Agobe awufake onyaweni lwakaNtombi uyaqhaqhazela uNtombi kepha uchazwa yiyoyonke into eyenzekayo. Asukume abuyisele ugwayi wakhe ebhulukweni aye ngakubulcony aphume eme lapho. UNtombi avule umnyango angene sekabonisa ukukhathazeka uBheki.

Bheki:"Baby ukahle kungani ungavuli umnyango?"

Ntombi:"Besengizumekile."

Avule lokudla uNtombi akubheke amujikise afune into ezothatha isikhathi kuthi bayenze.

Bheki:"Asambe sobabilike angikhululeki ngokukushiya wedwa la."

Ntombi:"Hawu ikuphi okuncono kuthi ungikhiyele la nokuthi ngiphume nawe bangibone futhi."

Bheki:"Ok baby uqinsile khiyake."

Makaphuma nje avale uNtombi akhiye agijimele ebalcony avule aziyele yena kuMduduzi aziphosele kuye bacabuzane.

Mdu:”Uthanda ubungozi?”

Ntombi:”Too much.”

Mdu:”How do you like it?”

Ntombi:”Rough.”

Mdu:”My kind of a girl.”

Bacabuzane (🍆🍆)

Mabaqeda agqoke uMdu

Mdu:”Ngizokufuna ngikuthole uyezwa.”

Ntombi:”Ngizobe ngilindile.”

Aphume uMdu bahlangane  oBheki ezitebhisini asuke ngejubane uBheki athi uyobheka isithandwa sakhe amufice andwayiza nje amangalele nalephenti aligqokile kuthi selinikizwe yini kanje, amufulathele akasabonisi nentukuthelo abenayo makaphuma la.

Bheki:"Ulenzeni iphenti."

Azibheke uNtombi amoyizele aqonde endlini encane

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Paris🌼

Sambulo:”Gabi gabi.”

Gabi:”Bhuti.”

Sambulo:”Awuyeke kungibiza ngobhuti hawu.”

Gabi:"Phephisa hle muntu wami ke."

Sambulo:"Kuze kuncono lokho."

Gabi:"Lendawo yinhle yazi."

Sambulo:"Kakhulu."

Gabi:"Yazi ngibe nephupho elingajwayelekanga kube ngathi elangempela."

Sambulo:"Uphupheni?"

Gabi;?:"Ngiphuphe ngathi siphakathi kwesixuku sabantu kuyaliwa lapho esikhaleni nje angisakutholi ngiyakumemeza ngikufice sophansi ugcwele igazi kukhona ophezu kwakho akumunca la entanyeni makaphakamisa amehlo uMduduzi bekamunca igazi la entanyeni igazi lakho selehla emaceleni emlonyeni wakhe, wase uyangivusa."

Sambulo:"Woza la."

Asondele ahlale celeni kwakhe amugaxe uSambulo uyamubona ukuthi uthukile.

Sambulo:"Bekuyiphupho nje leli."

Gabi:"Njengoba ngishilo kube ngathi into eyenzeka kamampela."

Sambulo:"Lalela kungenzeka ubucabanga ukuthi uMduduzi uzoyithatha kanjani yonke lento mawumtshela wase uyathuka. Phela into mawulala uyicabanga uyayiphupha."

Gabi:"Ngiyazi kepha lokhu angikaze ngiphuphe into ekanjena ."

Sambulo:"Bekuyiphupho nje sthandwa sami."

Amuhage uyabona ukuthi kumele babuyele emuva manje uzoxola uMduduzi sekatsheliwe abonwe ukuthi wenzanjani.

Sambulo:"Masisuka la ufuna siyephi?"

Gabi:"Kahle phela mina angifuni ukulamba masibuyela emuva singasanayo imali.

Sambulo:"Ngeke kwenzeke lokho?"

Gabi:"Iyaphela imali masilokhu siyimosha."

Sambulo:"Indoda yakho inemali angikhulumi ngemali yaMkhululi noZodwa yobubi , inemali indoda yakho, namanje mangabe ufuna imali yokuqamela nje uzoyithola. Mawuseskhathini ungasebenzisa yona futhi mawuqeda uyilahle."

Ahleke uGabsile

Gabi:"Sambulo sies ungaze ucabange into yokuya esikhathini."

Sambulo:”Ngizokwenzanjani angithi nguwe owangifundisa, wena watshela mina kuqala kuya soya esikhathini futhi namanje ukuhamba ukubona.”

Gabi:”Nami angazi nganginani yazi kwakuthi ngitshele wena nje.”

Sambulo:”Ngaleso sikhathi ukhona uNokubonga.”

Habi:”Ungibangisa amahloni asiyiyeke lendaba.”

Sambulo:”Bhuti ngibhobokile ngiyasaba ngithukile.”

Asho alungisela iphimbo likaGabsile amushaye uGabsile asuke amubalekele amushaye ngemiqamelo.

Gabi:”Ngizokuthola.”

Sambulo:”Uzongithola ngani ngeke ungithole.”

Gabi:”Ngiyazi mina ngizokuthola kanjani ngeke kuphele nosuku ngingakakutholi.”

Sambulo:”Uyazi angithi ngimudala sizobonake uzongithola kanjani ngoba uma kuyilokhu engikucabangayo khohlwa.”

Gabi:”Awazi nokuthi ngicabangani.”

Sambulo:”Ngiyazi, bona sthandwa sami  unesiqiniseko masihamba la ufuna sibuyele emuva?”

Gabi:”Eya kodwa ngicela sihlale noma isonto lonke.”

Sambulo:”Amasonto amabili.”

Gabi:”Masibuyela emuva ngizoqalela ngokufuna umsebenzi, ngiyathemba ngeke unginqabele.”

Sambulo:”Ngeke vele ngifuna inkosikazi ezimele mina angimufuni uyebo baba type.”

Gabi:”Yini manje iyebo baba type?”

Sambulo:”Umfazi makangasebenzi iningi labo livuma kuchashazwa amadoda ngoba basaba kushiywa.”

Gabi:”Laba abangahlelanga ngoba bathanda umsebenzi bangawutholi bona.”

Sambulo:”Kuncono banawo umqondo wabo wokuthi bafuna ukusebenza, sthandwa sami mina angifuni kukumosha ithalente lakho umsebenzi mawungawutholi uzoqala ikhampani yakho.”

Gabi:”Ngathi ngizokuthanda kakhulu nje.”

Sambulo:”Ngadla mina Shenge uzongithanda ukundlula lokhu?”

Gabi:”Yebooo.”

Sambulo:"Ngoba ngithi angifuni uhlale lokho akusho ukuthi sizofihlelana imali, yonke imali yami eyakho nawe kwamanje uyiravaze ngendlela ofuna ngayo."

Gabi:"Bese eyami imali?"

Sambulo:"Ngathi awungizwanga kahle ngithe eyami imali kuzoba yethu kodwa eyakho imali kuzoba yakho futhi nayo."

Gabi:"Wuuuu babShenge ave uphakeme."

Sambulo:"Ngiphakanyiswa nguwe sthandwa sekushoda ngihambe isivosho mangila emgwaqeni ukubonisa injabulo nempakamo onginika yona. Ngiyakuthanda uyezwa?"

Gabi:"Nami ngiyakuthanda."

Sambulo:"Buya sizobheka esizokwenza masivuka kusasa."

Gabi:"Whatever esizokwenza ngicela sibe kude neswimming pool."

Sambulo:"Ohk sthandwa sami 🤣🤣🤣."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Kamama Themba🌼

UmamaThemba ezwe uNokubonga sekahayiza ngale egunjini alele kulo, asuke ngejubane aye khona usalele kepha uyalwa uyakhala. Amuvuse aze aphaphame ahlale ngezibunu aqonde amehlo sekawakhiphe wonke.

MamaThemba:"Uphuphani sesi?"

Nokubonga:"Nx ngiphuphe uNathi angena ngefastela azongikhamela la ngazama ukulwa naye."

Azibambe entanyeni ngoba ezwa ibuhlungu.

MamaThemba:"Ibuhlungu intamo?"

Nokubonga:"Eya mama bengingalelanga kahle."

MamaThemba:"Unezingane ninomyeni wakho?"

Nokubonga:"Cha asinabo ma."

MamaThemba:"Lembuzi beyihlalele ukukushaya kanti ayikwazi nokubhebha nje nxx islima sendoda nje. Unompipi ongakanani mhlawumbe akanawo nokubanawo."

Aqale athuke uNokubonga agcine sekahleka agegetheka nomamaThema amoyizele makezwa lohleko alukhiphayo.

MamaThemba:"Usemncane mntanami kuthi ungachifana nomoya ngenxa yamaphupho phila impilo yakho ujabule, uzitholele isokana uzidlele ipipi uzinakekele kodwa mntanami. Vuka manje pentshisi nayi inqe seyizonuka."

Ahleke futhi uNokubonga kungene uThemba sekahle uyamoyizela.

Themba:"Naze nahleka kamnandi ekuseni nje, mama umenzani uNokbonga?"

MamaThemba:"Ekuseni kangaka kodwa Themba hamba hamba hamba phuma isayogeza ingane wena use kabi ngiyakwazi."

Themba:"Angihlelanga bengifuna kukuhlola kuthi ulele njani."

Nokubonga:"Ngilele kahle kakhulu."

Themba:"Ngizokubona ntambam."

MamaThemba:"Sekuyipaki la kwami, we Themba ngimele kancane ndodana ngifuna kukhuluma nawe."

Abashiye uNokubonga ayogeza, mabafika ekhishini isalukazi kade sivukile sahlanza indlu yaso kunuka kamnandi nje.

Themba:"Isikhathi ma siyangishaya."

MamaThemba:"Uyayithanda lengane?"

Themba:"Yiphi ingane?"

MamaThemba:"Ungazenzi islima uyazi ngikhuluma ngalepentshisi olilethile."

Themba:"Cha ma uyafana nosisi wami omncane."

MamaThemba:"Hayi phela ngibone iso omubheka ngalo."

Themba:"Muhle ma,ngeke ngihlale ngingabheki."

MamaThemba:"Kulungileke ndodanna angifuni uSwazi aphatheke kabi naye kumele nilungise indaba yomshado naye."

Themba:"Uzoza emini ngimutshelile ngoNokubonga wathi uzoza azomuhlalisa."

MamaThemba:"Kulungileke ndodana hamba."

Sekaqedile uNokubonga wagqoka wabamuhle amangale makavela ngasekhishinii.

MamaThemba:"Umlomo uvulelweni manje pentshisi."

Ahleke uNokubonga

Nokubonga:"Mama kungani ungibiza ngepentshisi kanti."

MamaThemba:"Ngizokubiza ngombhido kanti."

Bahleke bobabili banoThemba amubheke uThemba uyabona akasafani nayizolo. Avalelise aphume naye uNokubonga.

Nokubonga:"Umtshelile uSambulo ngalento."

Themba:"Akekho la emzansi akatholakali kalula ngizomutshela makangangifonela yena."

Nokubonga:"Ngicela ungamtsheli angifuni anqamule iholide lakhe ngoba uzoza agijima."

Themba:"Uzoxabana nami uSambulo Nokubonga ngiyaxolisa kodwa ngizomutshela."

Nokubonga:"Ngifuna kuya kwamamkhulu ungakhona kungimukisa."

Themba:"USwazi uyeza emini uthe uzoza azokuhlalisa uma unganankinga."

Nokubonga:"Swazi wakuphi?"

Nokubonga:"Inkosikazi yami."

Kuphendule iphimbo likamamaThemba phakathi endlini ngokumemeza.

MamaThemba:"Usho umnyamane wepentshisi, kona kunenhliziyo enhle."

Bahleke uThemba noNokubonga.

Themba:"Mama ulalele izindaba."

MamaThemba:"Kukami la izindaba ezixoxwa kulamagceke ezami nami."

Bahleke uThemba angene emotweni ahambe .

Nokubonga:"Mama ngoba ngathi indlu seyihlanzekile nje uvuke nini."

MamaThemba:"Mntanami phaka nayi oats eziko nami ungiphakele. "

Avule la amukhomba khona.

MamaThemba:"Yazi mina umyeni wami wayedaleke ngenye indlela namanje angikhoni kuyichaza. Wayehlala angivusa njalo ngehora lesibili afune umdlalo bese ngeke ngisazumeka emva kwalokhoke. Namanje noma engasekho ngihlala ngiziphaphamela ngisale ngilungisa."

Nokubonga:"Uzwakala ngathi benithandana."

MamaThemba:"Kakhulu kodwa izigebengu zangiphuca yena."

Nokubonga:"Akanaso isikhathi eside ashona ne ngathi ngiyakhumbula kancane."

MamaThemba:"Unezinyanga eziyishumi nesthupha. Umyeni wami azange agule nokugula waphucwa impilo yakhe nje iziqhwaga."

Nokubonga:"Phephisa ma."

MamaThemba:"Sengandlulisa mntanami kodwa ngeke ngibukhohlwe ubuso balomfana owabulala ubaba kaThemba. Ngazi ngisho iphimbo lakhe."

Nokubonga:"Kwaze kwaba buhlungu ma babefunani kanti?"

MamaThemba:"Kunomuntu ababemugijimisa yena wangena la ngoba efuna ukucasha bamudubula wafa kanti sekafihle lemali abayifunayo ngale engadini yami. Masizwa ukuqhuma kwezibhamu sivuke lokhu komfana wadubula umnyango bangena phakathi babuza kuthi iphi lento efihlwe indodana yethu. Sabathe siyachaza ukuthi akusiyo ingane yethu le azange bakholwa babhekisa konke phezulu. ULungile wayesalele umntanami wathi uyavuka wazithela kulezigebengu kwamudlwengula lokhu komfanna sibhekile. Ngakhala ubaba wagcine ehluleka ukuzibamba waziphosa kuye wamudubula elokhu edlwengula ingane yami wathi makasazidelisile bayithola nalento ngaphandle la ibififhlwe khona bahamba. Ngeke ngimukhohlwe losathane."

Nokubonga:"Yazi umuntu makacabanga ukuthi ubhekene nobunzima uyazikhohlisa abanye abantu mabandlula entweni enje, manje bake bamucinga  boThemba lomuntu."

MamaThemba:"Eyyy mntanami azange samazisa ngabona ubungozi bulosathane ngayisabela indodana yami. Ngiyazi abezobafuna abathole kwazi bani naye makasabulawa ngesihluku. Ngamutshela nje ukuthi ubaba wabuya adutshuliwe angazi kuphi wazophelela la endlini."

Nokubonga:"ULungile uphi yena?"

MamaThemba:"Emva kwezinyanga ezimbili sathola ukuthi ukhulelwe wacela ukuzihambela aye ka anti wakhe . Azange asikhiphe isisu wathola ingane yomfana ingulomdlwenguli avuka."

Nokubonga:"Ngiyaxolisa ma, manje awusabi ngoba uhlala wedwa."

MamaThemba:"UThemba wangilungisela konke akungeneki lula, kodwa ongangena ngeke aphume, ngihlala nginalokhu esikhwameni sephinifa."

Akhiphe isibhamu esincane amangale uNokubonga

Nokubonga:"Isibhamu ma?"

MamaThemba:"Impilo ngane yami, ungamutsheli uThemba lento angifuni kufelwa ingane mina."

🌼

🌼

🌼

Ifike inkosikazi kaThemba avulelwe uNokubonga emnyango ngoba umama Themba ungemva kwendlu engadini yakhe. Avule umnyango amubheke akamazi kepha uyacabanga uze kumamaThemba. Cishe bangaba bontanga umnyama losisi unamehlo amakhulu amhlophe unomzimba ongemkhulu kakhulu ukahle ulingene yena mufishane. Ikhala limile lijulukile futhi angasho lutho alokhu abheke uNokubonga. Naye ukhuphuka naye umubuka lobuhle ayibo uzwa uphathwa yisikhwele kuthi uThemba wakhe usize usisi omuhle kanje, ucishe afane noSambulo kodwa ngoba yena eyintombazane undlulele.

Nokubonga:"Sawubona sisi ngingakusiza."

Swazi:"Ahhhm unjani?"

Indlela amubheka ngayo angayithandi uNokubonga ngoba akamazi

Nokubonga:"Umama ungemva ngikubizele yena?"

Alule isandla sakhe

Swazi:"NginguSwazi isthandwa sikaThemba."

Asibuke lesandla uNokubonga angamuxhawuli

Nokubonga:"Ohhhh ngiyabona."

Swazi:"Nginganena emzini kamamezala wami."

Asuke emnyango uNokubonga angene amubheke ahlale phansi.

Swazi:"Nokubonga angisuye owasemfihlweni mangabe kukhona okubhekile kuThemba ngicela ukhohlwe mina ngizokunyathela."

Aswace uNokubonga amubhekisise

Nokubonga:"Yini engingayibheka kuThemba ngoba kade ngimazi ungumngani wabhuti wami."

Swazi:"Besengindlulisa umlayezo, uzile ekuseni la?"

Nokubonga:"Awubuzi ngathi yena."

Swazi:"Angishongo phela kuthi sixabane mina bengikutshela engikufilayo."

Nokubonga:"Yazi ngikhansele indawo bekumele ngiye kuyo namuhla ngenxa yokuthi ngilinde wena bengicabanga ukuthi ngilinde umuntu onengqondo."

Athi uyasukuma uya egumbini lakhe amubambe ngesandla uSwazi amubheke emehlweni.

Swazi:"Hlukana noThemba."

Nokubonga:"Akuyiso inkinga yami ukuthi awuzithembi ngiyeke."

Swazi:"Une attitude ngiyabona into eyenza kuthi akushaye umyeni wakho."

Amuthele ngempama uNokubonga angene ngaleso sikhathi umamaThemba

MamaThemba:"Hayibo pentshisi kwenziwani manje?"

Amubuyisele uSwazi makathi uyamushaya noNokubonga umamaThemba angene phakathi kwabo.

MamaThemba:"Hayi hayi hayi emzini wami mnyamane wafika nodlame nje emzini wami."

Swazi:"Ngiyaxolisa ma nguyena ongishaye kuqala."

Nokubonga:"Abehlekisa ngezinhlungu zami, mina ngiyahamba futhi manje."

Afulathele umamaThemba asale amangalele uSwazi akhiphe ifone yakhe afonele uThemba.

Themba:"Ma."

MamaThemba:"Uthi tlwa buya nayi iblack and white ibanga ipipi lakho emzini wami."

Amangale uThemba asheshe acabange ngoba uyamazi uSwazi unjani asheshe athi uyeza aluvale. uNokubonga alokhu azihlelele egumbini noma afuna ukuhamba kodwa akafuni kuhamba kabi umamaThemba umugade kahle nje. Emva kwehora ezwe sekuduma imoto ngaphandle uThemba angene sekafutheke izifuba zingaka kanye noSwazi.

Themba:"Ma uphi uNokubonga?"

Mama:"Uzivalele ngale egumbini."

Afulathele uSwazi amulandele

Mama:"Woooo linoshukela inkosi impela makuzosanganwa kanje."

Anokhe kanye angene noSwazi atheleke azithulele nje uNokubonga

Themba:"Ukahle Nokubonga?"

Amubheke esihlathi kuye kuyabonakala ngoba uyakhanya

Swazi:"Themba mina uvele wangindlula nje awubuzi nokuthi nginjani khona nje wazi ngani ukuthi usebenzisa liphi igumbi ngoba awubuzanga."

Themba:"Swazi ngikhulume nawe kahle ngakuchazela isimo sakhe wangithembisa kuthi ngeke wenze idrama yini le."

Nokubonga:"BabBaloyi ngicela ungimukise kamamkhulu."

Themba:"Ngiyaxolisa Nokubonga ukube bengazi bengizokuyeka uziyela kamamkhulu njengoba ubucelile."

Nokubonga:"Awenzanga lutho bhuti futhi kungisizile ukuza la umama ungibonise ngezinto eziningi."

uThemba abheke uSwazi

Themba:”Asambe, mangibuya Nokubonga ngizokuphelezela.”

Swazi:”Angiyindawo ngizomuphelezela nawe.”

Nokubonga:”Anginankinga mina.”

Athathe izinto zakhe umamaThemba azihlelele kusofa ubukele umabonakude

MamaThemba:”Ukhethe banike?”

Nokubonga:"Mama ngiyahamba ngizoza ngizokubona masengikahle kodwa ngizophelezelwa uSambulo.”

MamaThemba:”Uyaphi akunamuntu onelungelo lokuxosha omunye kwami.”

Nokubonga:”Cha ma uyakhumbula ngithe kusasa ngizoya kamamkhulu.”

MamaThemba:”Akunankinga pentsisi uhambe kahle mntanami ukhumbule lento esixoxe ngayo ngokuphila impilo yakho.”

Nokubonga:”Ngeke ngikhohlwe ma ngizoza kodwa.”

MamaThemba:”Uze ngizokufundisa ukudubula loNathi wakhona ufuna inhlamvu.”

Amuhage aphume uThemba akakhoni nokuhleka ngendlela uthukuthele ngayo. Azihlalele emuva emotweni uNokubonga uSwazi ayogibela phambili. Bahambe kuthulekile uSwazi ulokhu uyazikhulumisa noThemba okungatheni.

Mabafika angenise imoto uThemba ehlike amusize ngokwehlisa izikhwama azibeke phansi .

Themba:”Ngiyaxolisa futhi Nokubonga.”

Agibele emotweni uNokubonga afake ubuso efasteleni ngakuThemba abheke uSwazi.

Nokubonga:”Next time uzohlangana nabantu abazokushaya bakushiye ungazazi ngisho igama lakho. Zifundise ukuzethemba, wena ngoba uzibukela phansi kanje ucabanga ukuthi umyeni wakho uzoziqhenya ngawe. Self esteem sisi self esteem. Indoda izodinwa ngelinye ilanga ukuzolamula ubulima bakho bokungazithembi futhi uzomuphushela ekujoleni.”

Akhamise athi ufuna kuphendula angabi nawo amagama abheke uThemba ozibhekele phambili ngathi uyashayela kanti qha. Mayisuka imoto kuqhamuke abasizi bamamkhulu wabo bayamazi bamuhage bayomufaka endlini enkulu kamamkhulu. Namanje akakhoni ukuzwisisa Uthando lwezinto ezimhlophe afike.ageze into ayebenzisa yona kwakudala. Makaqeda sekabekelwe okumhlophe phezu kombhede akugqoke njengabasizi.

Nokubonga:”Musa uphi umamkhulu?”

Musa:”Ngiyacabanga uyabuya manje uhambe ekuseni uye emfuleni nesigulane.”

Nokubonga:”Kulungile akukho engingasiza ngako?”

Musa:”Ngihlanza amagumbi namuhla.”

Nokubonga:”Akukashintshi lutho moso asahlanzwa njengakudala.”

Musa:”Yebo kusele lawa amathathu angaphambili.”

Nokubonga athathe izinto zokuhlanza ayongena kwelilodwa lawa awakhonjiswe uMusa. Uyasebenza ulokhu ucabanga ngempilo yakhe. Azibuke esibukweni sekayabohla akasafani naseqaleni uzwa akhumbula noSambulo futhi.

Emfuleni🌼

Mamkhulu:”Sizohlala la imini nobusuku uma ungenzi lokhu engikushoyo.”

Adonse umoya uMlungisi aphinde avale amehlo abhekise ikhanda phezulu.

Mamkhulu:”Ngeke uwe nkosi yami sebenzisa ukholo nginike nezandla zakho.”

Amunike azithele ngamanzi azibheke akhuleke.

MamKhulu:”Awubonike nkosi yami manje ngicela usukume.”

Aziphoqe uMlungisi kusukuma aze eme aqonde ajabule naye ngosuku lokuqala nje sekunomehluko omkhulu kangaka.

Mamkhulu:”Asitotobe ndodana soze sifike egcekeni uzihambela ngokwakho.”

Ngempela bahambe yize sekakhathele uMlungisi kodwa izinyawo zakhe zijabulile wakugcina nini ukuzihambela nje. Bangene athalaze imoto kayise la ayishiye khona.

Mamkhulu:”Basayofuna okuya ethunjini bayabuya kodwa ngizobacela bakushiye iseyinde indlela okumele uyihambe.”

Mlungisi:”Bazovumeleka kuthi bazongibona?”

Mamkhulu:”Bazovumeleka ungakhathazeki, hamba uyophumula manje kukhona ozokulethela okuya ethunjini.”

Mlungisi:”Ewu ma ngicela kuzula zula la egcekeni ngibuke lezihlahla ezinhle unyaka wonke ngiyinto elalayo.”

Mamkhulu:”Ungazilimazi ndodana mina ngisayobheka ezinye izigulane zami.”

Ahambe ayoshona egumbini lakhe asebenzela kulo uMlungisi aziyele phansi kwesihlahla ayibone nemoto yababakhe ingena. Asukume ayihlangabeze angawakholwa amehlo wakhe ubabakhe athuke uyigcine nini nje indodana yakhe izimele . Ehle sekanhlanhlatha afike amuhage

Biyela:"Hawu Menziwa ume ngezinyawo zakho ndodana."

Mlungisi:"Ngimile baba noma kusenzinyana kodwa ithemba selikhona futhi."

Biyela:"Kusho ukuthi ngeke sihlale isikhathi eside."

Mlungisi:"Umama abebona ukuthi ningishiye uthi kusekuningi okumele ngikwenze kodwa nizongibona manifuna."

Biyela:"Ushilo yazi uNtombela."

Mlungisi:"Asambe siye egumbini lami baba."

Bahambe noNtombela abalandele mabangena kukhona ohlezi kulesitudlwana ugqoke njengabanye kuyacaca abezohlanza legumbi ngoba selihlanzekile kunuka nakamnandi. Kepha manje uhlezi phansi ubeke izandla ezihlathini uhuba amakhala.

Mlungisi:"Msizi singangena."

Athuke uNokubonga asukume ngokushesha aphenduke azithele kumadoda amathathu angawazi. UMlungisi amubheke emehlweni athatheke amangale uNokubonga ushalezela ukuthi uyakhala ubathe uyazisula lezinyembezi ziyehla futhi abezicabangela ngempilo yakhe. Amubheke uMlungisi aze abheke phansi uNokubonga ahlehle kancane wenzela ukuthi bangene azokwazi ukuphuma. Lutho bangaphumi abambezele ngombhede uMlungisi sekaxegelwa amadolo kepha amehlo asabheke uNokubonga.

Mlungisi:"Ingabe ukahle ndlovukazi, nkosazana eish ukahle ntokazi msizi?"

Amoyizele uNokubonga amagama amaningi kangaka.

Nokubonga:"Ngiyaxolisa ngicela ukundlula."

Aphume abheke phansi afike aphefumule ngaphandle umoya abengaboni nokuthi uwubambile.

Mlungisi:"Sisezulwini kunezingelosi futhi, awwww baba ngiyaxolisa kuxhoshwa phambi kwakho."

Biyela:"Angikusoli ndodana, kodwa uyazi asizelanga lokho angithi."

Mlungisi:"Ngiyazi baba kodwa lo ngizojika naye nabu ubuhle bungishayisa ngovalo."

Azibambe esifubeni uMlungisi amehlo elokhu ebheke emnyango babhekane abantu abadala bayamubona sekaphenduke umoymoy umoyizelela into angayazi. Noma sebavalelisa avume ngekhanda kepha bayabona ukuthi akekho la. Azihambele amakhehla amushiye emoyizela yedwa.

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU14🌼

Namuhla babuyela emuva uGabsile noSambulo bajabulile kakhulu basothandweni sebalungisile konke bahlezi balinde isikhathi. USambulo ulokhu ubheka uGabsile ozithulele nje ngathi ukude nomcabango

Sambulo:"Ucabangani lengaka Gabsile?"

Gabi:"Bengiphila ngathi angikho emhlabeni kulamasonto andlule ngijabulile kodwa manje ireality iyangishaya ngoba sesibuyela emuva, ngizwa ngiyasaba."

Sambulo:"Usabani?"

Gabi:"Konke umama nobaba uBonga kakhulukazi ubuhlungu engiyobuzwisa uMduduzi."

Sambulo:"Uyazi angithi ngiduze nawe."

Gabi:"Ngiyazi."

Sambulo:"Asikho isidingo sokuthi usabeke wena iba muhle ujabule nje."

Gabi:"Ngiyakuzwa."

Sambulo:"Ikuphi okuthukele kakhulu?"

Gabi:"Ukuzwisa uMduduzi ubuhlungu."

Sambulo:"Ungazikhathazi sphephelo sami uMduduzi kudala ahlakanipha  ungazikhathazi ngaye."

Gabi:"Buka isikhathi sesambile."

Sambulo:"Hawu bengithi ngizothi mfa kokugcina."

Gabi:"Mfa ini?"

Sambulo:"Ikhekhe lami lapho kuwe."

Gabi:"Ahhh Sambula ufuna ngize ngihlephuke ngibe yimvithi awusuthi."

Ahleke uSambulo

Sambulo:"Ngeke uphele hawu, asambe sthandwa sami."

Baphume nezikhwama zabo sebalibangise esikhumulweni sezindiza.

UMduduzi wahlala izinsuku ezintathu eDubai unesqiniseko sokuthi uGabsile bakulehhotela waphelelwa amandla makayobheka kumabhalane. Wabanika amagama abo wababheka washo kuthi bebakhona bahambe nini futhi. Usale sekazitshela ukuthi bazodibana sebabuyele emuva, naye ubuyela emuva namuhla kodwa uyoqala kubo. UNtombi akaphumi ekhanda lakhe, selokhu azijabulise naye akakahaleli lutho. Aphume naye sekalibangise esikhumulweni sezindiza.

Khabo Sambulo🌼

Mkhululi:"Kanti uSambulo umbuyisa nini uGabsile?"

Zodwa:"Anginasiqiniseko yazi."

Mkhululi:"Kumele asheshe isikhathi asimelangaa thina."

Acasuke uZodwa asukume uyabona umyeni usazifisa kuGabsile futhi sekaze uyamuphupha nokumphumpha manje. Kukhale ifone kababa kaSambulo

Mkhululi:"Madlokovu."

Ajike makezwa igama lenyanga yabo.

Madlokovu:"Ngisesangweni ngivuleleni."

Bamuvulele bavule nomnyango angene noBonga  bamangale ngoba kusasele iviki lonke aphume ejele. Bahagane kodwa.

Mkhululi:"Ndodana ngaze ngajabula kukubona."

Bonga:"Kujabula mina baba, unjani mamzo.?"

Zodwa:"Ngiyaphila mfanami, asihlaleni phansi."

Madlokovu:"Buthelezi ingane ayisekho msulwa."

UmaNdlovu osekhishini athuke adonse indlebe

Buthelezi:"Siyakwazi lokho nyanga enkulu, kwenzeka khona la ekhaya njengokusho kwakho."

Madlokovu:"Cha amandla awaphumanga la endlini."

Zodwa:"Kwenzeke kuphi kanti?"

Madlokovu:"Angivezelwanga engikubonile indawo enamanzi."

Mkhululi:"Kusho ukuthini konke lokho, ngiyathemba nguyena uSambulo."

Madlokovu:"Nisasikhumbula isithembiso senu kahle kahle, angifuni mina ukwenza into bese nina anisagcini okumele nikwenze."

Zodwa:"Siyasazi isithembiso sethu Madlokovu kanti kwenzenjani?"

Madlokovu:"Lomfana bekumele athathe ubuntombi bakhe kuphela umfowabo alandele, kungabibikho oziphindayo ngaye ngoba sebazobe banikezana amandla ngeke nisamenza lutho manje."

Bonga:"Ahhhh manje mina ngeke ngisayithola?"

Mkhululi:"Zodwa uSambulo wakhuluma nawe kanti wathi bayaphi?"

Zodwa:"Angithi nawe bosofuna kulala noGabsile bekamubalekisa."

Madlokovu:"Kwanani ngathi nifihlelana izinto ningamaqili ninonke akukho okuzolunga makunjalo. Indlela noma ingaba khona ngenxa yokungathembeki kwenu akukho esingakwenza."

Bonga:"Ngibuzile njalo ukuthi mina ngeke ngisamuthola na?"

Madlokovu:"Hhey wena mfana lokhu akukho mayelana ngokujabulisa imizwa simisa ingcebo la, suka futhi uhambe uyogeza lejele ulethe lezimpahla ozigqokile ngihambe nazo."

Zodwa:"Madlokovu sitshele okumele sikwenze."

Madlokovu:"Mabafika la kumele beze kulegceke ngizothela okuthile esangweni nasemnyango mabakwenqa bazoba nesithongwane akusekho okunye uSambulo kumele aphucwe lamandla kanjalo."

Mkhululi:"Uzophucwa kanjani alele."

Madlokovu:"Wena mfana ngithe hamba la."

Asukume uBonga ayosithela egumbini lakhe lakudala abashiye bekhuluma.

Madlokovu:"UZodwa komele alale naye."

Babhekane uMkhululi angayizwisisi leyo kodwa kuZodwa kuthi cosololo.

Mkhululi:"Ngeke ngiyivumeke leyo ungalalisa ingane yami nonina wayo?"

Madlokovu:"Akamuzali sonke siyakwazi lokho, okunye lento izophumelela uma kunganathando khona. Uthando lweqiniso luzoyivala yonke lento akukho engizokhona ukukwenza kwalomchamo wakhe engawuthatha asengumfana ngeke ungisebenzele."

Zodwa:"USambulo ngeke amuthande lomntwana ngoba ukwazile ukumbalekisa uyise angamutholi enzela umfowabo. Ilula lento ngizomufonela manje ngimutshele ukuthi sekabuyile uBonga akamulethe."

Mkhululi:"Manje makasaqeda uBonga ngaye uthe bangaziphindi komele senzeni ngaye?"

Madlokovu:"Uzozihambela yena uzoduka nezwe, ingcebo namandla kuyohlala nomndeni wakho ngisho nezizukulwana. Nina nje qinisekisani ukuthi akukho findo lothando kuyo yonke lento, iyangikhathaza indaba yokuthi ngingakhoni kubabona bakuphi ngoba uthando kuphela olucashisa izinto kimi."

Asukume uMadlokovu

Mkhululi:"Manje umfana umkhiphe kanjani kumele aphume ngesonto elizayo nje?"

Madlokovu:"Bamukhiphile ubenenhlanhla nje yokuhlangana nami ngamulayisha, sengiyindlela angivalelisi ngoba ngizobuya umfana makasaletha intombazane."

Aphume basale babhekene uMkhululi athathe ifone yakhe afonele uSambulo ingangeni kanye nekaGabsile, aze afonele uNokubonga yena angayiphenduli kodwa iyakhala. umaNdlovu aphume aye egumbini lakhe akhiye eme efasteleni azobona osondelayo afonele uSambulo ingangeni acabange into angayenza.

MaNdlovu:"USambulo ngiyathemba uyamuthanda ngempela uGabsile ngingabathola njani kuthi bangezi la mababuya. Uyedwa umuntu ongangisiza kulokhu ingane yami nganikela ngayo eqaleni manje ngeke ngivume uyedwa umuntu ongangisiza kulokhu. Angiyopheka ngokushesha ngizothi angizizwa kahle ngifuna ukuya esontweni."

Aphume esephangisa nay afike apheke ngapha umatasa ulungisa itafula kuqhamuke uBonga

Bonga:"Haa mam elephant sekudliwa emini kangaka kanti isidlo sasebusuku lakhaya."

MaNdlovu:"Ngijahele esontweni yingakho ngilungisa."

Amubheke uBonga aze azibambe ngaphambili amubone umaNdlovu amangale nawu umhlolo wakhe.

Bonga:"MaElephant awukabi nalo ikhehlanyana nje elikusizayo?"

MaNdlovu:"Elingisiza ngani?"

Bonga:"Elikusiza likubambise lamahips angaka."

Acasuke umaNdlovu

MaNdlovu:"Yinto ongayisho leyo kimi ngimdala kangaka, awufundanga ejele kanti?"

Bonga:"Akukho engakuthola ejele manje ngifuna kuzisiza wena unakho okumele kungisize."

MaNdlovu:"Ikhehla elingisizayo uyihlo nxx."

Athuke uBonga kuqhamuke uZodwa naye amangale

Zodwa:"Manje walungisa itafula ngaleskhathi?"

MaNdlovu:"Madam angiphilanga kahle bengithi ngizocela ukuya esontweni ntambama."

Zodwa:"Manje sizodla ukudla okubandayo ngenxa yesonto nje."

Kuvele uMkhululi

Mkhululi:"Yekela umaNdlovu ahambe uhlala abuya ngokushesha futhi, hamba uyolungisa maNdlovu ngizodlula ngasesontweni lakho ngiya eshisanyama kukhona engingakutholi kahle ngoSambulo manje."

Abonge umaNdlovu aphume uBonga asale abheka uyise kabi, akafuni ngomamakhe phela mangabe udlala ngomawakhe kanje uzomubulala yena.

Bonga:"Ngizohamba nawe baba."

Mkhululi:"Kulungile ndodana."

Abuye umaNdlovu sekaphethe isikhwanyana baphume azihlekele kancane nje umaNdlovu ngoba uyabona uyikholiwe lento ayishilo noma bangaxabana akanandaba manje. Afike amehlise esontweni angene abe nenhlanhla nje nayi imoto kamfundisi ngeke kubonakala kuthi unamanga. Nabo basuke baqonde eshisanyama ithe ingasithela imoto aphindele emgwaqeni ayogibela itekisi.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Kwamamkhulu 🌼

Ngenkathi uNokubonga ephuma egumbini bekalihlanza waqonda endlini enkulu.

Musa:"Usuqedile?"

Nokubonga:"Yebo ngiqedile sisi."

Musa:"Sewazobhekwa nguwe lamagumbi angithi uyazi kuhamba kanjani?"

Nokubonga:"Ngikhumbuze?"

Musa:”Umama akafuni sishintshane ngezigulane zakhe ngokuhlanza amagumbi azo ngisho nokubaphakela. Ufuna uma kuba nephutha  egumbini elithile azi kuthi kumele akhulume nobani, wena ngoba usekhona usuzobheka lezigulane ezintathu, uma unganankinga kodwa.”

Nokubonga:”Ayikho inkinga sisi akukho engikwenzayo. ”

Musa:”Ngikhiphe izinkukhu mangikubona ngivele ngakhumbula lesa sitshuli sakho esimnandi.”

Amoyizele uNokubonga

Nokubonga:”Ngathi ngizohamba sengisebenze ngasebenza lana nje.”

Musa:”Buya sisi hawu.”

Aqalele ukupheka kuhlala kumatasa la umamkhulu unezigulane abanye beza ngokuzohlola baphinde bahambe, abanye  bashonelwa ilanga bese bayalaliswa ikakhulukazi mababuya kude. Angene  ekhishini umamkhulu wakhe inhliziyo yakhe ivele incibilike uthando makabona indodakazi yakhe uhlala azibuka kuyo yize angayiboni kaningi njengoSambulo.

Mamkhulu:”Ngiyasho ukuthi lephunga elimnandi uyedwa umuntu okwazi ukupheka kunuke ngalohlobo.”

Nokubonga:”Ma kunini ngifikile ngingakuboni.”

Amuvulele izandla bahagane makamubheka ebusweni abuthinte kancane

Mamkhulu:”Sizobonana ekuseni mntanami lento eyenzeka ebusweni bakho angiyithandi sizoxoxa kusasa angithi.”

Nokubonga:”Ahhh mamkhulu ngikukhumbule kangaka okungenani ngicela ukulala egumbini lakho mawuqeda uzongifica ngikulindile.”

Amubheke amoyizele

Mamkhulu:”Kwenzenjani mntanami?”

Akhale uNokubonga angakhulumi umamkhulu amuhage amuthulise

Nokubonga:”Ngiyaxolisa ngokukuthela ngezinyembezi ma, ngiyazi umatasa kakhulu.”

Mamkhulu:”Mntanami ngingunyoko kumele ungithele ngazo.”

Nokubonga:”Ngangihlala ngifisa ukube ngangizalwa nguwena impilo yami ihlangahlangane ma.”

Mamkhulu:”Ngiphe isikhathi Noku kusasa ekuseni ngabo11 ngingowakho awuhambi maduzane angithi?”

Nokubonga:”Ngifisa nokuhlala.”

Mamkhulu:"Mawuzohlala usiphekela lestshuli lesi, Nomusa ubani obheke lamagumbi angemuva namuhla?"

Musa:"UThulsile noWini ma."

Mamkhulu:"Ngapha phambili?"

Musa:"Yimi no sisNokubonga."

Mamkhulu:"Ngobani?"

Musa:"Uzicelele ukusiza ma kanti besekusele kuhlanzwe lamagumbi."

Mamkhulu:"Uyazi Nokubonga ukuthi ngizofuna ubheke lezigulane zize zilulame kahle?"

Nokubonga:"Ma ngizosiza akukho la engizojahela kuya khona."

Mamkhulu:"Kulungile qedanike kumele badle ngokushesha ikakhulukazi uMgazi konke kumele kuhlanzeke siyezwana mantombazane?"

Musa:"Yebo ma."

Nokubonga:"Yes your highness."

Mamkhulu:"Ave uphapha, ngo9 nikhuleke namuhla ngiyolala ngale esigodlweni sami mntanami sizokhuluma masengiqhaqhe ibhande kusasa  uyezwa."

Bavume amuhage futhi ayongena egumbini lakhe basale belungisa aphinde aphume futhi

Mamkhulu:"Ningakhohlwa kusheshe nibaphakele kuzoshaya u9 sekuqoqekile konke kuhlanzekile nizokhuleka kushaya umoya, Nomusa ulale la endlini namuhla mangabe uyasaba uNokbonga."

Musa:"Ngizokwenza njalo ma."

Aphume basale baqedela ukupheka uNokubonga sekazijulele futhi acabange ifone yakhe ibilokhu ivalekile sonke lesikhathi.

Nokubonga:"Ngisayobheka ifone yami Musa ngiyabuya."

Musa:"kulungile sisi ngizokubiza masokumele umukise ukudla kwabo."

Ahambe ayolibheka azame kulivula kusho ukuthi beselingasana battery ngoba nali alivuleki. Alifake emlilweni walo. Ayishiye lapho aphume afike asize uMusa ngokuphakela.

Ngale egumbini uMlungisi usocingweni nomawakhe.

Mlungisi:"Unjani salukazi sami?"

Uyakhala bandla umamakhe umyeni wakhe ufike wamutshela isimanga esenzekile ngendodana yabo

Mlungisi:"Manje masokhala kabuhlungu kangaka ma, noma ubungasafuni ngilulame."

MaBiyela:"Ngijabulile ndodana yami, ubaba uyangitshela futhi ukuthi umlaphi wakho ukubize ngenkosi."

Mlungisi:"Yebo ma uqinsile ubaba."

MaBiyela:"Namanje ndodana asakhuluma ukuthi awunandaba nesihlalo noma sozwile umkhanyisi esho."

Mlungisi:"Mina ngibona ingxabano nje, angithi uMduduzi wayesethenjisiwe isihlalo ngoba ngigula mina. Masesibuyile ngakubaba isihlalo uzoqhubeka bese asinika uMduduzi angifuni abuyele kulento ayeyiyo."

Kuzwakale iphimbo ngaphandle lowesifazane,

Iphimbo:"KwaZwane ngiyashweleza ngokufika sekuhwalele ngicela kungena."

Mlungisi:"Mama sizobuya sikhulume ngiyakuthanda uyezwa."

MaBiyela:"Mana ndodana ubaba ungitshela ukuthi kukhona osozama ukweba inhliziyo yakho lapho."

Amoyizele uMlungisi

Mlungisi:"Kanti lekhehla lithulula konke kuwe."

MaBiyela:"Mfanami awazi ngijabule kanjani wena awukaze usilethele kwantombi yakho nje uzoyazisa njengomfowenu besengithanda ukukhathazeka."

Mlungisi:"Ma soxoxa ezinye manje thani ngihambe."

MaBiyela:"Baleka njalo kodwa ngeke ucashe uyifunde kuqala leyo ntombi kuthi inesimilo na, futhi ungazenzeli uyicele kumlaphi wakho kuqala kodwa linda ululame ndodana."

Mlungisi:"Hayibo kanti sekuyashadwa na salukazi?"

Ahleke umaBiyela

MaBiyela:"Usale kahle ndodana umama uyakuthanda uyezwa."

Mlungisi:"Nami ngiyakuthanda ma usale kahle."

Ezwe amaphimbo futhi

"Hayibo ma ngalesikhathi."

Elinye iphimbo:"Mntanami bekumele ngizile ingabe sekalele umamkhulu?"

"Cha anginaso isiqiniseko ngizokubuzela kulomsizi omunye ngale."

MaNdlovu:"Kulungile mntanami, wase uyajika manje kanti ubuyaphi?"

"Angithi sengimile namanzi okugeza izandla ngahhavuza izindaba sengiyowashintsha."

Lephimbo uMlungisi ulizwa kahle kuthi elikaNokubonga usemuzwe kancane ekhuluma kodwa lihlalile.

MaNdlovu:"Ewu ave enenhlanhla umyeni wakho ubusisekile impela ngokushada nawe, hawu nangu umamkhulu ephuma esigodlweni sakhe."

Sekagwazekile uMlungisi ingabe ishadile ngempela lentokazi lendoni ethandwe inhliziyo yakhe, ezwe inokh emnyango angayiphenduli athule nje usehlezi undwazile embhedeni. Uvuleke kancane umnyango angene makamubona ebusweni futhi ancibilike akhohlwe nayilobuhlungu aqeda kubuzwa manje. Uphethe amanzi ngesitsha sesenke esincane esimhlophe ehlombe ubeke imfaduko nayo emhlophe, kulandele uMusa nethileyi emhlophe. Abeke isitsha phambi kwakhe kuthi ageze izandla uMlungisi angazigezi ubheke uNokubonga uwakhiphe wonke amehlo esikhumbeni.

Nokubonga:"Nawa amanzi okuhlamba izandla Mgazi uzodla."

Avele aphelelwe nawukucabanga akekho phela umuntu oke wamubiza ngalesithakazelo phela asijwayelekanga sona kujwayeleke uMenziwa, uMgazi usithekile futhi unesisindo. Kanti uNokubonga akazi nokuthi isithakazelo lesi uzwe umawakhe amubiza ngaso ucabanga ukuthi igama lakhe.

Nokubonga:"Ngicabanga ukuthi ngibize uma bona unjani uMgazi?"

Musa:"Cha sisi makunje kumele usisize isigulane usifake engubeni uhambe sesizumekile umama makasebhandeni akafuni kubizelwa into encane."

Nokubonga:"Hayibo mhlawumbe akusiyo into encane."

Musa:"Makangaquleka noma abize izinto ezingekho ungibize ngisayogeza lesigulane esingale ngisidlise. Mugezise izandla makahluleka kuzibambela isitsha umufunze. Mawumsola ngathi akekho kahle komele ulale la phansi isipontshi sikhona laphaya kanye nengubo akukho okuzokuvelela umama usheshe ayibone into embi."

Aphume hawu achazeke uMlungisi yilento ezokwenzeka asondele uNokubonga amubambe izandla azifake emanzini azihlanze kahle. Uthukile uMlungisi futhi ujabulile umubhekile lowesifazane. Amubheke emunweni wendandatho akayiboni futhi akusho nje kuthi lomuno uke ufake indandatho.  Amusule izandla ngokukhulu ukuchophelela lokhu naye asule ezakhe.

Athathe ukudla kwakhe lakhaya kudliwa ngesandla amufunze ngesandla naye adle kamnandi uMlungisi uNokubonga akasaboni noma sekahlangabeza isandla sakhe kuthi ukahle lomuntu

angakhona ukuzidlela. Mayelokhu emufunza uphinde amusule la emaceleni ukugeva, kuvuleke umnyango uMusa angene nefone kaNokubonga ekhalayo amunike seyithulile kodwa aphinde aphume. Amufunze aqede amusule umlomo naye azigeze isandla.

Ikhale ifone kaNokubonga futhi inombolo angayazi ayiphakamise

Nokubonga:"Hellow."

Kuthuleke

Nokubonga:"Hayibo ubani lowo khuluma."

Nathi:"Ngiyaxolisa nkosikazi yami ngicela ubuye ekhaya."

Nokubonga:"Ungizwisile ubuhlungu Nathi angisaziboni duze nawe ngicela ungaphinde ungifonele."

Iphimbo seliyaqhaqhazela kukhomba ukuthi ufuna ukukhala aluvale zehle izinyembezi ezwe ubuhlungu uMlungisi sekayazisola manje kuthi uzenzeleni ngathi akakhoni kuzidlela. Azisule kahle izinyembezi

Nokubonga:"Mgazi ngikulethele itiye noma ujuzi noma amanzi."

Angaphenduli athule nje

Nokubonga:"Ngiyabuya kumakhaza ngaphandle ngizokwenzela itiye."

Aphume adonse umoya uMlungisi asukume azilule uyayithanda ingane yabantu uyazibuza ukuthi kaze yini le ayenzile umyeni wakhe. Ikhale ifone yakhe futhi manje sekubhalwe love ayiphendule angasho lutho kodwa.

Nathi:"Nkosikazi yami ngiyaxolisa ngokukubeka isandla ngiyazi ngakuthembisa ukuthi ngeke ngiphinde, unjani la engikushise khona?"

Uyamucika umuntu oshaya owesifazane ngenhliziyo yakhe yonke lokho kwaziwa ngisho nayilababafana abamushayelela amatekisi akhe kukhona owamuxosha ngaleso sikhathi eshaya intombi yakhe ngezimpama. Namanje ezwe acikeka uze uyakhohlwa ukuthi akasiyilutho kuNokubonga.

Mlungisi:"Ngizokubulala nya ngikushise umzimba wonke mzukwana sadibana."

Athuke uNathi azitshele kusho ukuthi ulele nenye indoda yona le emuthathe abantu babhekile phela kube akusiwo umakhwapheni lo wakhe owafika wamusiza mhlawumbe kube ufile nje.

Nathi:"Nika inkosikazi yami ifone yayo."

Ezwe izinyawo zisondela ayivale ngokushesha ayiphose la ibikhona ahlale phansi ngokushesha angene netiye uNokubonga akanandaba netiye kepha leli uzoliphuza. Angene nalo lishunqa amuphuzise kancane makaqeda avule izingubo zakhe amunike isandla sakhe.

Nokubonga:”Angazi noma uzokhona kutotoba kancane uye endlini encane.”

Avume ngekhanda azincenge kusukuma aye endlini encane abuye ngakade ngoba uhamba kancane uMlungisi amubone sekakhipha isipontshi nezingubo inhliziyo yakhe imdansele kamnandi umdanso wothando. Makaqeda ukundlala acishe  ugesi naye amulunguze laphansi alale avule ucingo lwakhe.

Nokubonga:”Mgazi ulale kahle.”

Mlungisi:”Mmm.”

Balale kepha uMlungisi akalele ulalele lokuhuba amakhala, lokuphefumula kancane uyafisa nokuthi akazolala embhedeni yena alale phansi.

Emva kwamahorana makabona ukuthi ulele ngempela avuke aye endlini encane uMlungisi abuye alale naye phansi kodwa angamuthinti neze angasondeli athathe eyakhe ingubo embhedeni azimbese ngayo ngoba makangazama kuvula le alele ngayo uzophaphama.

Mlungisi:”Ungubani wena ungishayisa novalo olungaka amadolo ayaxega ngiyakuthanda ngane yabantu.”

Esigodlweni sikamamkhulu🌼

UmaNdlobu ufike wabikela umakhulu konke akuzwile bekukhuluma njengoba kunjalo.

Mamkhulu:”UZodwa sekahlanya impela manje makafuna kulala nendodana yami.”

Ahlahle amehlo umaNdlovu amubheke

MaNdlovu:”Indodana yakho?”

Mamkhulu:”Ubufuna usizo lwami?”

MaNdlovu:”Mamkhulu wabantwana ingane yami ngifuna kuyikhipha kulewa engamufaka kulo ungayenza indlela kuthi bangayi le mabafika baqonde la.”

Mamkhulu:”Ungatatazeli MaNdlovu ngeke basamukhona uSambulo manje ibhubesi selingakuye, ukucabangela phambili sekungakuye, ngeke asathinteka nje.”

MaNdlovu:”Lokho kusho ukuthi bagangile benoGabsile? Ingabe uthando lweqiniso ngoba uthe uMadlokovu akakhoni ukubabona usaba kuthi usithwe uthando lweqiniso, lento abayenza isaba ifindo lothando.”

Mamkhulu:”Uyazi yini ifindo lothando?”

MaNdlovu:”Umshado?”

Mamkhulu:"Umshado uqinsile."

MaNdlovu:"Mabangashada iyophela yonke lento?"

Mamkhulu:"Asibonane ekuseni ngiyabonga ngokuzongazisa bengeke ngibone ngoba nginomsebenzi omningi obalulekile."

MaNdlovu:"Kulungile mamkhulu wabantwana."

Makathi uyasukuma umamkhulu abone ukukhanya endishini abeyibhekile ahlale phansi abheke futhi akasaboni lutho.

Mamkhulu:"Yini le eningifihlela yona zingelosi zokuphila."

Kukhanye futhi abone uMlungisi esihlalweni sakhe emahlombe kunenyoka enkulu imambakazi nje imumunca amandla, kuqhamuke owesifazane ebusweni bakhe kukhanya kakhulu kangangokuba abubonakali afike eme abhekane noMlungisi aphakamise isandla esinocu benziwe ngobuhlali obuhle buxubeke kahle, locu lukhona nasesandleni senkosi. Owesifazane aphakamise isandla imamba isuke emahlombe wenkosi. Konke kuqale kukhanye kugqame kahle nayo inkosi isukume ime phambi kowesifazane.

Mlungisi:"Ngiyabonga nzwakazi yami."

Kucime futhi manje sekadideke kakhulu umamkhulu abheke phezulu.

Mamkhulu:"Nkosi baba ngambulele lowesifazane inkosi ngeke iphile amehlo ayo angakaboni yona konakala baba ngikhalela izingane ezincane ezenziwa izigcila zocansi ilamakhehla amadala ngenxa yenkohlakalo, nobukhosi obusesandleni sabo. Siza Bawo siza Smakade sezulu ungithembisile wathi kuzokwenzeka mangiphuma ebhandeni kepha namanje akukenzeki baba usuku lwami lokugcina lolu ngisebhandeni."

Avule amehlo sekakhala

Mamkhulu:"Ungubani lowesifazane."

Abheke emanzini akhe aphinde abone into eyodwa amehlo akhe alokhu ekhangwa yilocu imibala ixutshwe kahle.

Mamkhulu:"MaNdlovu kusasa ngicela uvuke ubuyele kaZodwa ukubakhona kwakho lena kuzosisiza. Manje nginikwe umsebenzi othanda kuba semahlombe ami njengamanje ngiyahamba ngiya emfuleni kuningi engingakuboni kahle usuzongitshelela lezingane zinakekele izigulane zami kahle izinsuku ezimbili nje."

MaNdlovu:"Kulungile mamkhulu."

Mamkhulu:"Thatha uBonga ingane esile ngokweqile makazama kusondela kuwe umuthele ngalamanzi uzovaleka amehlo."

MaNdlovu:”Ngiyabonga mamkhulu, uhambe kahle nawe la oya khona kwangathi kungakukhanyela.”

Mamkhulu:”Ubatshele ukuthi kungangeni noyedwa umuntu wesilisa la mangingekho noma ezofuna usizo. Kukhona ababili abayizigulane hamba uye endlini.”

Abonge athathe lebhodlelana lamanzi elincane alifake emabeleni aphume aqonde endlini enkulu. Umamkhulu asale athatha azokudinga la aya khona akhuleke aphume ngejubane ufuna kwambulelwa lowesifazane azomulanda azosiza inkosi ilulame ngokushesha. Umamkhulu uyahlonishwa kulesigodi futhi uyasatshwa akukho sigebengu esicabanga ukumugangela. Agijima ayongena emfuleni aye phansi la aqonde khona...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UMduduzi ufike waqala kubo ayobona umndeni wakhe ngoba sekukaningi umawakhe amubiza benoGabi. Afike ngabo ubsuku naye amangale abafice basahleli baqamelene kusofa amoyizele njalo makabona abazali bakhe uzibona kunguye noGabsile sebakhulile.

Mdu:”Bazali nenze nje izingane mazingekho.”

Biyela:”Hawu ndodana wavumbuka ebusuku nje uqhamukaphi?”

MaBiyela:”Buya kumama kuqala buya uzocabuza isihlathi.”

Ahage umawakhe axhawule uyise ahlale phansi aphose amehlo akhe la bekuhlala kundlalelwe uMlungisi khona. Athuke makangaziboni izingubo zakhe asukume

Mdu:”Ma uphi ubhuti?”

Biyela:”Uyolashwa mntanami unezinsuku ezimbili ehambile .”

Mdu:”Hawu uNtombela azange athi usizo lwakhe luzozizela la ekhaya?”

MaBiyela:”Mntanami mina ngijabulele ukuthi umehluko sewuhle uyabonakala.”

Biyela:”Impela ndodana ngimushiye eme ngezinyawo zakhe mina.”

Mdu:”Azihambela baba?”

Biyela:”Yebo ezihambela.”

MaBiyela:”Sekafense nentombazane lapho.”

Biyela:”Hawu nkosikazi yekela izindaba zabantwana.”

Ahleke uMduduzi abheke phansi

Mdu:"Ngeke uMlungisi akwenze lokho lomuntu akawathandi amantombazane uzithandela uNtwenhle nje usisi wethu omncane, nami ngathi ngeke ngisawathanda amantombazane."

Babhekane umamakhe amubone nje amehlo akhe awele phakathi indodana yakhe kukhona emukhathazayo. Sekahle uyaqhaqhazela akafuni ukuzwa ukuthi uGabsile omuphoxile.

Biyela:"Ndodana kwenzenjani manje ingabe uGabsile?"

Avume ngekhanda abeke izandla zakhe esiphongo uGabsile uyamthanda yize abezenza lezinto eceleni kepha yena uyamuthanda uGabsile.

MaBiyela:"Ingane elunge kanje ukwenzeni?"

Mdu:"Unyamalele nomunye wesilisa indaba ende bengifuna ukumbulalala naye."

Asukume umaBiyela nayi ingane yakhe izohlanya futhi asondele kuye amubambe izandla.

MaBiyela:"Ngizokucela njengomzali ungakwenzi lokho uma akhethe ukubaleka akushiye akunandaba, thina siyakudinga mntanami. Uzomthola omunye ngiyazi kuzobanzima kepha uzomthola."

UMduduzi uyisilwane ngaphandle kepha makangena egcekeni kubo uba yingane elalelayo eshanelayo ephekayo futhi ethumekayo. Namanje uyayizwa imfudumalo yamawakhe uba nethemba lokuthi konke kuzolunga ufisa nokukhalisa okwengane esifubeni sikanina.

Mdu:"Ngiyabonga ma, kusasa ngizovuka ngihambe."

MaBiyela:"Ubhuti wakho akekho ndodana ungahambi ngikufuna duzane nami ngoba ukulesimo, hlala usisize noma isonto elilodwa uzosisiza ekhefi nasematekisini kabhuti wakho. Phela labafana mabaletha imali angikhoni kuyibala."

Mdu:"Uqambelani amanga ma ngoba ubuyibala wonke lonyaka ubhuti agula."

Bahleke bobathathu

Mdu:"Kulungile ngizohlala, uNtwenhle uza nini noma azongidelela nje ngimukhumbulile."

Biyela:"Usho ukuthi namanje nisalwa ningaka nje."

Akhuleke uNtombela emnyango

MaBiyela:"Baba umunikeni kanti uNtombela wadansa kangaka la ekhaya."

Biyela:"Kahle nkosikazi uzokuzwa lomuntu ngisayomuvulela."

UMduduzi kuyamuchaza makabona abazali bakhe abuye ubabakhe sekalandelwa uNtombela aqonde kuMduduzi.

Ntombela:"Ndodana ukwenza kwakho okubi ngivezelwe kona konke."

Athuke uMduduzi abheke uNtombela ubumamba buzame kuphakama kepha asheshe azikhuze abazali bakhe bala umawakhe umubheke ngqo.

Biyela:"Ukhuluma ngani Ntombela."

Ntombela:"Khuluma iqiniso nkosi yami lemfihlo yakho izohlehlisa ukukhanya kwalomndeni. Nabu ubukhosi buyabuya futhi kepha buzoshabalala ngenxa yemfihlo. Indodana yakho endala ijike ethuneni ngenxa yemfihlo kanti le iphendukelwe izidalwa ngoba uzifake ebumnyameni uthwele, ingane yenu ithwele ngemamba inamandla obumnyama. Yahehwa ubumnyama bamuthembisa izulu elisemhlabeni."

Mdu:"Ukhuluma ngani khehla ndini?"

MaBiyela:"Sicacisele baba yini manje."

Ntombela:"Thathani ingane yenu iyolashwa nayo ifakwe izinto emzimbeni wangeniswa ebumnyameni bemamba. Uyabulala, uyadlwengula yilento engaphakathi kuye makungenjalo uzofa nobukhosi ungakabuthathi. Khipha imfihlo nihambe niyoyifuna ibuye inyathele emagcekeni asekhaya indodana endala isinde ngoba imsulwa yona abaphansi bayijikisa yonke lento kodwa lo izandla zincolile igazi imindeni iyakhala."

Afake isandla sakhe esikhwameni sebhulukwe uMduduzi sekasukumile sekacasukile abuye nento eyimpushana uNtombela amushaye ngayo ebusweni adiyazele ayowela le.

Agijimele kuye umawakhe.

Ntombela:"Uzolala izinsuku ezintathu makavuka la ungakakhulumi kuphelile ngawe uzokubulala. Ngizolinda ngaphandle ukhulume bese siyabona simenzani umfana ngizohamba naye, uma usasaba namanje ukukhuluma ngizohamba mina uzozibona nkosi yami."

Aphume uNtombela umaBiyela asale abheka umyeni wakhe emehlweni.

MaBiyela:"Khuluma baba."

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

(Unedited ngiyaxolissa ngamaphutha espelling)

ISIQEPHU15🌼

Kwamamkhulu 🌼

Ekuseni waphaphama uMlungisi uNokubonga sekabeke isandla sakhe esifubeni inhliziyo ivele ishaye kakhulu. Uzizwa enamandla futhi asibambe lesandla azame kusisusa anyakaze uNokubonga bese uyalinda kancane. Sekusekuthatheni kokusa akambesekanga kahle manje asamubheka uNokubonga ajikijele umlenze wakhe kuMlungisi. Ime inhliziyo yakhe uyazimangalela ngoba kube uyajabula ngalento eyenzekayo kepha uyathuka uyazisola nokuthi abefunani phansi. Athimule uNokubonga ngokushesha,awavale amehlo azilalise uMlungisi. Aphaphame uGabsile athuke naye eme ikhanda asuse isandla sakhe kuMlungisi avuke gubhu sekaphefumulela phezulu.

Nokubonga:"Ohhhh ngenzeni Nkosi yami uzongibulala uma, kanjani aww we ma noma uwile kanjani ngingamuzwa."

Ukhathazekile uNokubonga aphenduke uMlungisi abone ukuthi uyahluleka ukuzolalisa aziphaphamise, abheke uNokubonga oseme ngezinyawo. Aphakame naye unembeza uyamushaya.

Mlungisi:"Ndlovukazi ngavuka umile ubungalelanga."

Nokubonga:"Mgazi ngiyaxolisa angazi kwenzakaleni ngiphapheme solele phansi angazi kwenzakaleni."

Makamubheka inhliziyo yakhe ibuhlungu ngempela uNokubonga.

Nokubonga:"Noma uwile ngiyathemba awulimalanga, amabhadi ayangilandela."

Mlungusi:"Musa kukhuluma ngamabhadi iphutha linami."

Avuthe amalangabi uNokubonga

Nokubonga:"Ungalinge ungitshele ukuthi nguwena ozilethe la phansi."

Athuke uMlungisi lentokazi izaz imucabangele kuthi bekafuna kuyidlwengula.

Mlungisi:"Nginenkinga yokuwa embhedeni selokhu ngagula, kungenzeka ngiwile."

Nokubonga:"Manje mawuwa awuphaphami bekumele uphaphame  phela."

Mlungisi:"Angiphaphami ngiyaqhubeka ngilale."

Nokubonga:"Ngiyaxolisa ngokukucabangela."

Asondele uMlungisi azame kumubamba izandla aphinde azikhuze.

Mlungisi:"Kungani kanti uhlala uxolisa awenzanga lutho iphutha linami."

Nokubonga:"Umuntu ongaka ngawe angawa ngingezwa."

Abheke phansi uMlungisi amoyizeke

Nokubonga:"Awungithukuthelelanga?"

Mlungisi:"Nakancane ndlovukazi buyela ulale."

Nokubonga:"Ngeke busafika ubuthongo, lala."

Mlungisi:"Nakimi ngeke busafika."

Nokubonga:"Bengizokwenzela itiye ukube kuvuliwe endlini enkulu."

Mlungisi:"Angilithanda itiye mina."

Nokubonga:"Ngikwenzele waliphuza nje."

Amoyizele uMlungisi kuthi nakhu ezibambisa, athi uya la kunesikhwama sakhe khona.

Nokubonga:"Ngicela uthume mina Mgazi ngikhonela lokho lala."

Mlungisi:"Yazi ngisemandleni ami ajwayelekile kuyamangaza ngoba kube ubabuhlungu umzimba wami ngilele phansi."

Nokubonga:"Nami ngiyakubona,izolo ubungasinje nalenkathi ngiqala ukukubona okokjqala ubugula kakhulu."

Mlungisi:"Ndlovukazi usukhulumani manje awukwazi ukuthi ngiqala ukukbona okokuqala, thani ngiqala kukubona."

Amoyizele uNokubonga sekaqala nokukhululaleka, uMlungisi afake isandla esikhwameni sakhe abuye nepulastiki eze azohlala embhedeni.

Mlungisi:"Buya uzobona ukugula uma ungifundise ukwenzani."

Asondele kodwa angahlali agobe nje amubheke uMlungisi

Mlungisi:”Kuncono uhlale phansi ngoba mawumbe phambi kwami kanje akusikahle ngiwumuntu wesilisa ”

Nokubonga:”Wena uyagula nje?”

Ahleke uMlunhisi kakhulu agcine sekamoyizela uNokubonga

Mlungisi:”Ngingasuke kude kangaka ngizozilalisa la, ngifike ngingakhoni nokuzihambela.”

Ahlale phansi uNokubonga celeni kukaMlungisi avule lepulastiki amehlo kaNokubonga ahlambuluke amangale

Nokubonga:”Ubahlalo obuhle kanje ingane ingabudla angikaze ngabubona.”

Melusi:”Bona ngenzani ngabo.”

Akhiphe okuncane ngathi indandatho nayo ihlanganiswe kahle ayithande uNokubonga ayibuke.

Nokubonga:”Nguwena owenze lendandatho?”

Mlungisi:”Ngiyenze izolo yona mangiphelelwa ubuthongo bengicabanga ohehelenhliziyo yami ngamunye amandla.”

Nokubonga:”Yoooo unenhlanhla uzogqoka into enhle ngalohlobo.”

Mlungisi:”Mina bengisabs kuthi ngeke ayithande phela mangimubheka usashizi nje.”

Ahleke uNokubonga amehlo asasekulendandatho ayibeke eceleni uMlungisi amutshengise ukuthi okunye ukuhlanganisa kanjani. Sekathathekile uNokubonga ilento ayenzayo.

Mlungisi:”Ngisaya endlini encane.”

Asukume nokubona athathe lendandawo azifake yona uMlungisi umubhekile amoyizele ahambe aye endlini encane. Emva kwesikhashana abuye, uNokubonga uzama kuzikhipha lendandatho makezwa uMlungisi asondela azifihle isandla. Kuthi ahleke kakhulu uMlungisi kodwa azibambe afike ahlale.

Mlungisi:”Zama ukwenza lokhu ngesandla sakho.”

Azame ngesandla esisodwa lesi esinendandatho asifihle

Nokubonga:”Ngizokwenza mangibuya sekusile manje uyazi kuyavukwa la ekhaya, phumula ngizokuvusa masengikulethela amanzi okugeza.”

Mlungisi:”Kunebhavu wndlini encane nje, asikho isidingo sokuthi ungilethele.”

Nokubonga:”Bengifuna ukuthi ngizoza ngizokufakela amanzi.”

Mlungisi:”Ngiyabonga ndlovukazi ngicela ungibekele lobuhlalu.”

Nokubonga:"Abujwayelekanga lobuhlalu wabuthengaphi?"

Mlungisi:"Umama wabuya nabo le eSwatini."

Nokubonga:"Kude kangaka wayeyokwenzani khona?"

Mlungisi:"Bebahamba kakhulu ngenkathi ubaba asaseyi…"

Azikhuze uMlungisi angasash lutho

Mlungisi:"Ngizwa ngifikelwa ubuthongo ndlovukazi."

Nokubonga:"Kulungile Mgazi lala."

Asuse izingubo abelele ngazo azibek kahle aphume aye endlini enkulu sekavukile uMusa nabanye bayakhwishiza. Aqonde kuzinki ufuna kukhipha lendandatho ngokushesha azoyibuyisela athele amanzi akafuni phela ize idabuke makathi uzigcobisa ngensipho amuphazamise uMusa.

Musa:"Nokubonga umama ngeke abakhona izinsuku ezimbili."

Angasaqhubeki ngalento aymbeyenza

Nokubonga:"Uphi usazilile."

Musa:"Uye emfuleni."

Nokubonga:"Uya makwenzenjani emfuleni."

Musa:"Makunento angayiboni kahle, noma makukhona okubi afuna kubuvimba."

Baqhubeke nabakwenzayo emva kwesikhashana abuyele egumbini likaMlungisi amufice asalele aqonde endlini yokugeza avulele amanzi. Ezwe ucingo lwakhe lukhala aphume ngokushesha athi uyolucisha lungamuvusi. Makalubheka lubhalwe mama ahluleke kulicisha elokhu alubhekile uMlungisi sekaphapheme umbhekile. Agcine sekazidelile.

Nokubonga:"Sawubona ma."

MaBiyela:"Hayibo ungubani wena uphendula ifone yendodana yami?"

Nokubonga:"Ngiyisisebenzi ma la ekhaya uMgazi usalele bengithi ngikwazisa lokho akalalanga kahle ebsuku."

MaBiyela:" Akalalanga kahle abegula bengicabanga ukuthi ingane yami iyalulama."

Nokubonga:"Cha ma angichazanga kahle ulale  waphelelwa ubuthongo ma, manje khani abuthola manje."

MaBiyela:"Ntombazane yami makalele wena ufunani egumbini lakhe."

Nokubonga:"Ungathuki ma ngize ngizomufakela amanzi ebhavini bese uyageza azodla ma."

MaBiyela:"Kulungile mntanami ngiyaxolisa ngemibuzo eminingi."

Nokubonga:"Inkinga ayikho ma ngiyazwisisa ngizomazisa futhi makavuka ngiyaxolisa ngokungamuvusi."

MaBiyela:"Kulungile mntanami ngiyabonga."

Ahambe ayobheka amanzi awafice sewagvwala awavale aphinde awahafule bese uyovusa uMlungisi okukade ephapheme.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaBiyela🌼

MaBiyela:"Khuluma baba."

Biyela:"Ndlovukazi yami ngake ngaxhopheka ngisasesihlalweni."

MaBiyela:"Uxhoshwa yini?"

Biyela:"Ngashendeza nomunye wezisebenzi."

MaBiyela:"Manje lokho kuhlanganiseni namadodana ami?"

Biyela:"Nkosikazi ngicabanga ukuthi kwaba nengane."

Asukume umaBiyela phansi sekahle ugcwele izinyembezi emehlweni

MaBiyela:"Usho ukuthini mawuthi ucabanga ukuthi kwabanengane?"

Biyela:"Ndlovukazi yami."

MaBiyela "Ungangibizi ngendlovukazi yakho mina khuluma ngilalele."

Biyela:"Ukuthi bengazi uma ngingabanengane ngaphandle emshadweni wami leyo ngane izotholw amandla obukhosi, noma kungaba intombazane noma umfana. Amandla wonke nje enganinawo. Ngabese ngiyamazisa uGqibelo ukuthi angalinge akhulelwe ngoba ngizomubulala nayo ingane. Ngelinye ilanga zange ngimufice egumbini lakhe, umndeni wakhe wonke wawungamazi. Wavele wanyamalala kanjalo nje. Akukho engingakwenzanga kuthi ngibathole."

MaBiyela:"Iyonanto  le ebiyenza uMlungisi angakufuni?"

Biyela:"Iyona nkosikazi."

MaBiyela:"Kodwa ngenziwani kulomhlaba ngithembeke kangaka mina iyona ndlela ongibonga ngayo."

Biyela:"Ngiyaxolisa ndlovukazi."

Asukume ayovula umnyango umaBiyela abize uNtombela.

MaBiyela:"Kuzokwenzakalani ngendodana yami Ntombela."

Ntombela:"Ngizoya kpmkhipha lenyoka ekuye, kumele angaxhumani namuntu owalenyoka azw abe kahle."

MaBiyela:"Ngenkathi abulala lets ntombi yakhe bekasathwele?"

Ntombela:"Yebo ndlovukazi."

MaBiyela:"Muthathe."

Ngempela amuthathe ayomufaka kwisikorokoro sakhe uNtombela. UmaBiyela akakhoni nokubheka aumyeni wakhe, ahambe ayozihlalela phansi kwesihlahla athathe ubuhlalo azakhele imigexo ngayo. Ezwe sekakhumbula indodana yakhe, makamufonela angamutholi ucingo lwakhe lubanjwe intombazanyane.

Emva kwehora aphinde amushayele futhi alubambe.

Mlungisi:"Mama."

MaBiyela:"Ndodana ukahle?"

Mlungisi:"Ngikahle ma, wangishayela kangaka nnamuhla?"

MaBiyela:"Ngikukhumbulule mfanami, ubaba sekangitshelile ngengane yakhe engaziwa."

Mlungisi:"Ngiyaxolisa mama, wena uzizwa njani?"

MaBiyela:"Kubuhlungu ndondana angazi nokuthi ngenzeni."

Mlungisi:"Ngaze ngafisa kubanawe manje ma, ungazikhathazi kakhulu mina engikwaziyo ubaba uyakuthanda wasuke waphandleka nje."

MaBiyela:"Wuuuuuu konje mina angisuye owakaBiyela usuzwela uyihlo sala kahle."

Mlungisi:"Cha ma uk…"

Aluvale umaBiyela indodana yakhe isakhulum.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Esikhumulweni sezindiza kwehlika kufika uSambulo noGabsile bakhohliwe ukuthi indawo yakubo le abantu babazi njengosisi nobhuti bona bayazithandanela nje. Abakwazi ukugcina izandla zabo kubo bayaqabulana kancane baphinde bahambe. Nangu uThemba ubalindile Nate afunde kwezakhe ukuthi kukhulu phakathi kwalaba.

Sambulo:"Mthimbane."

Themba:"Unjani Sambulo, gabi gabi."

Gabi:"Ngiyaphila babBaloyi."

Bangene emotweni

Themba:"Siyaphi?"

Sambulo:"KaNokulunga my outi."

Adonse umoya uThemba aziphulule intshebe yakhe amubheke uSambulo

Sambulo:"Asambe phela."

Themba:"UNokubonga akekho kakhe, kwenzeka amasimba ngalelanga uthi ngimulande azokwenzela okuthile eshisanyama."

Sambulo:"Baloyi awukhulumi phela wena."

Amulandise yonke indaba uThemba nokuthi abengaqali ukumshaya aphume emotweni uSambulo azovula la kuhlezi khona uThemba.

Sambulo:"Phuma ngifuna kuzishayelela."

Ehlike azongena ngaphambili ahlale yedwa uGabsile ayinyathele uSambulo akakhulumi manje nabo la emotweni abafuni kumphazamisa. uThemba yena uthuswa indlela ayiyo manje akayizwisisi kepha akusiye lomuntu abenokudlala naye baqalane. L uyamusaba naye afike emzini kaNokubonga angene ashayise nalesango elivaliwe litshekile aphume emotweni bamulandele. Sekahle uyazikhwica imikhono avule umnyango ngoba uvuleke kancane . Bangene esofeni kuhlezi ingane yakamakhelwane igqoke into emfushane uthuke nayo mayibabona.

Gabi:"Ntando?"

Ashalazele loNtando uSambulo abheke kubobonke amagumbi angamutholi makabuya asondele kuloNtando.

Sambulo:"Uphi uNathi?"

Ntando:"Emsebenzini."

Sambulo:"Wena wenzani la angekho benomkakhe?"

Athule uNtando

Themba:"Bayathandana nangalelanga ashisa uNokubonga wayephuma kubo lo."

Sambulo:"Ngiyabuya umtshele ukuthi uSambulo abela."

Baphume mabafika emotweni

Gabi:"Singaya kuNokubonga bhuti?"

Sambulo:"Akunankinga sthandwa sami."

Ashwabanise isphongo uThemba kodwa angasho lutho bashayele mabafika kamamkhulu wabo bangabavuleli isango njengenhlalayenza. Kuqhamuke lomfanyana  ohlala abavulela.

Mbuso:"Kuthiwe olengisayo akavumelekile kungena umama ade abuye."

Sambulo:"Olengisani Mbuso thins sifuna kubona uNokubonga."

Mbuso:"Olengisayo njengami malume ningangeni ngizomulanda usisi."

Basale babhekana uThemba uyahleka

Gabi:"Uthi kumele silengise ini kanti?"

Ithemba angasakhoni ukuzibamba ahleke uSambulo amoyizele kancane aqhamuke vele uNokubongs makababona agijimele kubo ayoziphosa kuSambulo. Bahagane sekayakhala manje uMlungisi eme emnyango wegumbi lakhe abheke uNokubonga ezandleni zomunye wesilisa. Yize angababoni kahle kuthi bangobani ngoba babuqamamana. Inhliziyo yakhe ibebuhlungu isimanga aphuze lamanzi okumele awaphuze agibele embhedeni.

Sambulo:"Kungani ubungakhulumi Nokubonga?"

Nokubonga:"Bengazi ukuthi uzothi ngibuye ekhaya futhi ubuzomshaya bengingafuni lokho. Gabsile awusemuhle nje."

Amuhage naye

Gabi:"Ukahle kodwa?"

Nokubonga:"Ngikahle kakhulu."

Sambulo:"Manje emunweni."

Azibheke emunweni amoyizele

Nokubonga:"Indandatho yenziwe ngobuhlalu yinhle neh."

Gabi:"Yinhle sisi ubuhlalu obunje."

Sambulo:"Amantombazane hayisuka."

Gabi:"Kahle ngiyayothanda nami."

Nokubonga:"Kunesigulane esinalobuhlalo namanje nifike angibonisa ukwenza umgexo omuhle wesandla ngizokwenzela nawe ."

Sambulo:"Akunamfazi wami ozogqoka izinto zezangoma."

Themba:"Sambulo bengilokhu ngizibambe sengiyahluleka, ingabe wena noGabsile."

Sambulo:"Ngizokuchazela masesisodwa kuyadida ngiyazi."

Kuqhamuke uMusa eme esangweni

Musa:"Molweni ngiyaxolisa kuniphazamisa Nokubonnga mama makathi isilisa singangeni akasifuni naphambi kwegceke."

Nokubonga:"Bengingazi Musa manje ngenzenjani?"

Musa:"Komele ugeze ngizokulungisela amanzi ungangeni endlini noma emagumbini."

Nokubonga:"Kulungile sisi."

Sambulo:"Ithi sihambe sesikumoshele."

Nokubonga:"Akunankinga, Sambulo ningayi ekhaya."

Sambulo:"Siya kwiflat vele angiyi lapho, sizokhuluma uthathe lobuhlali ubunike lesangoma."

Azihlekele uNokubonga ayibuke imoto ihamba uMusa aqhamuke namanzi bamuvale lapho ngezingubo ezimhlophe ageze aqede. Bangene phakathi

Nokubonga:"Musa ingani kunezigulane abesilisa abathathu kungani uma angafuni abanye?"

Musa:"Umama umuntu uyamuhlola isimo sakhe before  angena akafuni sibe engozini."

Nokubonga:"Kusho ukuthi uyabathemba laba abashiye nathi?"

Musa:"Akukho abangawenza, yinhle lendandatho uyithole kuMgazi?"

Nokubonga:"Ngiyigqoke ngokuyilinganisa nayi ayisaphumi Nate akazi ngiyamufihlela."

Musa:"Hamba uyogqoka uyoqoqa lobuhlalu benu ubushiye khona lapho mawuhamba."

Nokubonga:"Hawu sekalele na besengikujabula lokhu bekangifundisa kona."

Musa:"Unesiqiniseko sokuthi ujabulela ubuhlalo noma ujabulela ukuba duze naye."

Nokubonga:"Kahle Musa angimazi nokumazi lomlisa mina."

Musa:"Lalela ngiyayazi impilo yasemhlabeni ngicela ungenzi lutho nalomlisa futhi ungasalali egumbini lakhe kuze kufike umama. Kulamagceke asihlangani ngokocansi nezigulane siphila impilo encwele."

Nokubonga:"Musa ucabanga ukuthi ngiqeda kufulathela umyeni wami sengingaziphosa komunye umuntu wesilisa."

Musa:"Uxhumano phakathi kwabantu ababili luyingozi ikakhulukazi mabenza ngathi akunalutho (chemistry).

Nokubonga:"Khululeka bandla anginandaba nalomlisa mina, ngeke ngisaya kuye asishintshane nomunye."

Musa:"Ngeke kwenzekw lokho umama.engekho."

Ange e endlini agqoke aye phasi kwalesihlahla bebahlezi kuso benoMlungisi, aqoqe bonke ubuhlalo.ayongena nabo egumbini likaMlungisi amufice alele, a ubeke kahle makathi uyaphuma.

Mlungisi:"Ungowakabani ndlovukazi?"

Nokubonga:"Buthelezi."

Mlungisi:"NaShenge."

Nokubonga:"Eya."

Nlungisi:"Namuhla ngizolala early"

Nokubonga:"Ubufuna ngikulethele ukushesha ngokushesha."

Mlungisi:"Ngeke kungene ngizodla kusasa."

Nokubonga:"Ngiyaxolisa Mgazi mukhona engikwenzile."

Mlungisi:"Inkinga ayiitho ndlovukazi."

UNokubonga akazi ukuthi kungani ezwe ubuhlungu ngoMelusi kangaka

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: NONJABULO HADEBE🌼

ISIQEPHU16🌼

Abuyele endlini uNokubonga inhliziyo yakhe ibuhlungu ahlale acabange ukuthi umenzeni uMgazi kanti asondele uMusa kuye.

Musa:"Sisi wadangala nje kwenzenjani?"

Nokubonga:"Angazi yazi ngichaze ngithini."

Musa:"Kumayelana noMgazi?"

Nokubonga:"Eya ubonile ngenkathi sihlezi phasi kwesihlahla?"

Muaa:"Nginibonile."

Nokubonga:"Abejabulile kahle naye asemandleni wakhe uMbuso wangibiza ngaya kuboGabsile mangibuya sekantekenteke akasajabulanga. Manje ngiyazibuza ukuthi ngimenzeni."

Amubheke uMusa

Musa:"Nokubonga wena sothanda lomuntu ongajwayelekanga nje."

Nokubonga:"Angazi kodwa kusaseyizinsuku ezimbili nje ngimazi."

Musa:"Hamba uyomubheka."

Nokubonga:"Angazi ngithini kuye."

Musa:"Uxoxe naye kungenzeka isigulo sakhe siyabuya futhi, lomuntu ngathi ubakahle makanawe nje uyazi abegula kabhlungu kanjani  makafika la. Unele kubonana nawe ngathi siqamba amanga masithi abegula."

Nokubonga:"Eish uthe ngingamuletheli ukudla."

Musa:"Kumele adle akakwazi ukulala ngendlala, wena ukhathazwa yini kuyo yonke lento?"

Nokubonga:"Angazi kodwa inhliziyo yami ibebuhlungu mangimubona ebhocobele."

Musa:"Hamba uye kuye ngizokubiza ukudla masekukahle."

Nokubonga;"Ngiyabonga sisi."

Makafika emnyango

Musa:"Noku."

Amubheke

Musa:"Ngiyakucela sisi ungalinge uncolise umsebenzi kamamkhulu wakho ulale nalomuntu egcekeni lakhe. Ungalali naye umani uphume ngoba uyangithusa."

Nokubonga:"Ngeke ngiyenze leyonto ngiyabonga sisi."

Abilise amanzi azenzele itiye namakhekhe amathathu aye egumbini likaMlungisi, angene anganokhanga amufice asocingweni.

Mlungisi:"Mama ngicela uphendule ifone yakho."

Makuvuleka umnyango abone uNokubonga abeke ucingo lwakhe phansi uNokubonga amubone ukuthi usabhocobele. Nomzimba wakhe ngathi awekho amandla futhi njengasemini.

Nokubonga:"Mgazi."

Mlungisi:"Bengishilo ukuthi ngifuna ukulala early nkosazana nje ngingakusiza."

Nokubonga:"Hawu wase uyangehlisa ngaba yinkosazana kanti bengiyindlovukazi."

Amoyizele uMlungisi amubheke ahlale kahle phezu kombhede.

Mlungisi:"Angilithandi itiye mina."

Nokubonga:"Akusilakho wena ungalala nje."

Mlungisi;"Uzophuza itiye lakho la egumbini lami?"

Nokubonga:"Ikhona inkinga na."

Amubheke uMlungisi ulokhu uhlephula ikhekhe kancane alifake emlonyeni aqabule itiye kancane nalo liyashunqa. Indlela aphuza ngalo letiye ngathi uphuza into emnandi nje.

Mlungisi:"Ngicela ungiphuzise nami."

Nokubonga:"Bengithi awulithandi."

Mlungisi:"Uliphuza ngathi limnandi."

Amunike aliqabule naye kancane alume nekhekhe.

Nokubonga:"Yini ekuphathe kabi Mgazi?"

Mlungisi:"Ungibone kanjani?"

Nokubonga:"Ngikubone emehlweni nje mangibuya kubhuti wami esangweni."

Adonse umoya uMlungisi amamatheke kubencono nakuye phakathi nomthwalo obusemahlombe usuke ngokushesha. Azimangalele naye ukuthi sekangaze uthukuthele kanje ngenxa yomuntu angazange athandane naye. Abuke nalendandatho emunweni wakhe sekakhohliwe ukuyifihla.

Nokubonga:”Kwenzenjani ukwateleni kangaka?”

Mlungisi:”Umawami ungithukuthelele manje akabambi ucingo lwakhe.”

Nokubonga:”Kungenzeka umatasa akayizwa.”

Mlungisi:”Uthukuthele ngimuzwile makagcina kukhuluma nami.”

Nokubonga:”Wena umenzeni?”

Mlungisi:”Kunento engiyaziyo ubaba ayenza ngangamutshela manje ubaba sekamutshelile ngayo wathola nami ngase ngimutshele ukuthi ubaba uyamuthanda.”

Nokubonga:”Bekafuna wena uzwelane naye kodwa wena wakhulumela ubaba.”

Mlungisi:”Yebo.”

Akhiphe ucingo lwakhe amunike

Nokubonga:”Mufonele ngale yami uzoyibamba bese uyaxolisa.”

Mlungisi:”Uzolivala makezwa iphimbo lami, ngicela wena ungikhulumele.”

Nokubonga:”Haaaaa ngiyasaba uzothi ngingena ngani lapho.”

Mlungisi:”Ngeke.”

Ukhuluma nje sekazichofozile izinombolo zikanina afake ucingo embhobheni lukhale alubambe uMlungisi azithulele nje abambise uNokubonga.

MaBiyela:”Hellow.”

Nokubonga:”Ahhm hi ma.”

MaBiyela:”Ngingakusiza.?”

Nokubonga:”Ma ukhuluma noMgazi ngiyaxolisa I mean ngiyamxolisela.”

Ahleke kakhulu uMlungisi nomaBiyela achazeke makezwa iphimbo lendodana yakhe lihleka kamnandi kanje.

MaBiyela:”Ohk Mgazi ukutshelile ukuthi uthanda uyihlo kunami?”

Nokulunga:”Cha ma unithanda nobabili selokhu efikile la uhlala engixoxela ngawe.”

MaBiyela:”Uthi ngenzeni, nina aninazo izindaba zenu manixoxa ngami?”

Nokubonga:”Asinazo ma kodwa sengiyahamba ma ngiyabonga.”

MaBiyela:”Ungowakabani?”

Nokubonga:”Buthelezi.”

MaBiyela:”Injani indodana yami?”

Nokubonga:”Nayi iyakuzwa ungayibuza.”

Adlulise ucingo kuMlungisi athathe ikhekhe lokugcina beselisele uMlungisi alihlephule balibambe bobabili.

Mlungisi:”Uzothatha elinye endlini.”

Nokubonga:”Bekungowokugcina.”

Mlungisi:”Uzobhaka futhi.”

Nokubonga:"Kulungile lithathe.”

Mlungisi:”Ngiyadlala idla mashenge.”

Nokubonga:”Mina ngilidlile elinye kungaba lakho.”

UNokubonga sekamubheke ubuhle sekazizwa ngenye indlela ahlehlele emuva kancane aphume ashiye kwaleyo fone. UMlungisi sekanesiqiniseko ukuthi umtholile uNokubonga uyamuthanda naye. Manje kumele alulame aphume kulamagceke azobuya kahle azozibika kuye. Akakwazi ukudelela umuzi walomama osomsize ngenye indlela. Athuke sekukhala ucingo lwakhe kambe abekhuluma nomawakhe.

Mabiyela:”Mgazi.”

Mlungisi;”Ma.”

MaBiyela:”Kusobala ubabakho abeqinsile kuthi kukhona okuhehile lapho ngizwe yonke into beniyikhuluma ngicela ungilaleleke ndodana.”

Mlungisi:”Ngilalele ma.”

MaBiyela:”Ungenzi umhlolo emzini wabantu lengane ungayenzi lutho kumele uyifunde kuqala siyezwana.”

Mlungisi:”Mama lona nguye nawe uyazi mina angikaze ngikuhluphe ngamantombazane yingoba akekho oke wangilimaza ngalohlobo, ngiyamuthanda umashenge ngifuna kujika naye futhi ngoba ngathi angibi nampilo makakude nami.”

MaBiyela:”Ndodana ungenzi ngamawala.”

Mlungisi:"Ngicela ulungise bomalume ma ngifuna kuhlala esihlalweni nginoMashenge celeni kwami. Akusiwo ucrush nje lona mama ngiyayithanda lengane kakhulu futhi. Khululeka futhi akukho engizomenza kona."

MaBiyela:"Sekuyasebenza kodwa ndodana lapho kuwe?"

Mlungisi:"Ini mama?"

MaBiyela:"Bengikubona mntanami ukuthi akusebenzi uBiyela inkosi enkulu sekayasebenza na."

Mlungisi:"Mama ngeke ngikuxoxe nawe lokho habe."

Bahleke bobabili makavala ifone yakhe adonse umoya abheke lefone esesandleni sakhe azithole sekabuka imilayezo uyabona akamuphenduli lombhemu. Abheke izithombe zakhe  ave iyinhle nayi intokazi, abone ngathi uGabsile kaMduduzi ezwe izinyawo zisondela angabe esabheka abeke ucingo le ngempela kungene uNokubonga. Abeke ukudla kwakhe uyashalazela akafuni nokumbheka.

Nokubonga:"Naku ukudla uMusa uzolanda isitsha  kusasa uzobhekwa nguyena mina ngeke ngiseza."

Asukume ngokushesha uMlungisi ayomuvimba.

Mlungusi:"Ukhuluma ngani manje?"

Nokubonga:"Mina angisebenzi la ekhaya kahle kahle bengizobona umamkhulu wami manje mangizile ngiyasiza lapho nalapho. Kusasa ngiyahamba Mgazi."

Mlungisi:"Ngicela ungahambi okungenani ngize ngilulame."

Nokubonga:"Ngicela ukuphuma."

Mlungisi:"Ngiyakucela."

Nokubonga:"Ungubani wena kahle kahle."

Amubambe izandla zombili azicabuze aze adonse umoya.

Mlungisi:"Igama lami uMlungisi Biyela ngibuya kwesinye isigodi kusasemakhaya khona ngikhule njengayoyonke ingane yomfana ngidlala umagodana namantombazane emva kwendlu."

Ahleke uNokubonga

Mlungisi:"Angikaze ngize ngibe mudala ngibe ngaka angikaze ngithande umuntu wesifazane, kepha wena inhliziyo yami igcwale ukukhanya ngiqala ukukubona. Uyakhumbula nganginobaba maShenge ngiyakucela ungahambi noma ngithembise ukuthi uzongilinda ngilulame kahle wena mangibuyela emuva ekhaya ngizohamba nawe."

Nokubonga:"Ngendile mina."

Mlungisi:”Awukangiphenduli ungitshela ngento eseceleni mina ngifuna ukwazi okuphakathi kuwe, bake bakuvalela usakhula? Mangabe akaze mina ngizokuvalela namuhla.”

Akhiye umnyango asifake esikhwameni kuye uNokubonga angathukutheli futhi angathuki

Mlungisi:”Mangabe lento eyenzeka kimi ngaphakathi njalo mangikubona uthando kusho kona ukuthi ngiyakuthanda. Mangabe lokhu engihlala ngikuphupha mangilele ngawe uthando kusho kona ukuthi ngiyakuthanda. Kunamabutterfly ngaphakathi kimi sewakhile njalo mangizwa iphimbo lakho ayandiza ezwakala naphakathi emathunjjni ndlovukazi ngicela uvume ube wami, sizobona senzenjani ngalomyeni wakho oyisiwula. Ngeke ngikuyeke maShenge ngizokwakha kulendawo uze ube ngowami.”

Abheke phansi uNokubonga sekashalazela into engapheli asuke ayokhipha lobuhlalu bebawenza emini, owodwa sophelile kushoda baqedele lo omunye naye angabuzi lutho bawenza ndawonye uze uphele. Amufake wona engalweni.

Mlungisi:”Ngicela ungifake.”

Nokubonga:”Ngobani?”

Mlungisi:”Usungiqomile phela ngifake.”

Amufake uNokubonga aze awulungise uzwa athuka lomuntu ugcwele ismakhaya kakhulu kodwa ubonakala anempatho, uthobekile, uyahlonipha kodwa unobudoda ngaphakathi kuye unesithunzi.

Mlungisi:”Wangibuka wangangiphikisa ingabe kusho ukuthi ngiqonyiwe.”

Nokubonga:”Angazi Mgazi, njengoba ngishilo.”

Amungene emlonyeni

Mlungisi:”Njengoba ushilo unomyeni akusiyo indoda leyo nayi indoda phambi kwakho, ingabe ninengane?”

Nokunonga:”Asinayo.”

Mlungisi:”Sthandwa sami ngivumele ngiyakucela.”

Abheke phansi uNokubonga amuphakamise ubuso kuthi bubheke ngakuye asondele abeke izindebe zakhe kwezakhe. Alalele naye uNokubonga lento ayizwayo athuke futhi asukume agijime aye emnyango amulandele kancane uMlungisi. Amubambele lapho emnyango abathe ubheka eceleni amubuke uMlungisi amuqabule athambe uNokubonga. Lomuntu kuthiwa uyagula kepha nangu umuvimbezele la amuyeke uMlungisi asalangazelela.

Mlungisi:”Vuma ndlovukazi.”

Nokubonga:”Ngiyavuma.”

Mlungisi:”Uvumani?”

Amuqabule futhi manje udonse lokiss.

Nokubonga:”Ngiyakuthanda nami Mgazi.”

Amuhlasele manje ngokiss osohambisanna nokuphathaphatha, akhumbule amazwi amawakhe uMlungisi azikhuze yena amuyeke.

Mlungisi:”Angikalulami sebenzisa lethuba uyodivosa ngizokulinda nami kuningi okumele ngikulungise empilweni yami. Mangiphuma la ngifuna okungokwami.”

Nokubonga:”Ngilotsholiwe kuphela asikho isidingo sokudivosa.”

Mlungisi:”Awwwww ndlovukazi kaMgazi, ungeza kuzolala ngapha namuhla.”

Nokubonga:”Angiboni kuzoba yinto ekahle.”

Mlungisi:”Ungakhathazeki ngeke ngikwenze okubhedayo ngoba ngigula akusebenzi noma ngingakufisa ngizokwenza ngani.”

Athuke uNokubonga aze amubheke uyamangala ngoba yena sekamosheke kanje.

Mlungisi:”Ungathuki kuzosebenza ngiyalulama angithi, angikutsheleli ukuthi ubalekeke ngikutshelela ukuthi ukhululeke uzolala ngapha.”

Nokubonga:”Ngicela ungivulele ngiyocela kuMusa.”

Mlungisi:”Ubuye phela ungangikhohlisi.”

Amuvulele makaphuma nje agiye uMlungisi uNokubonga afike sekashalazela kuMusa abanye mabasuka nje yena amusondele.

Nokubonga:”Ngiyazi ngithe ngizosuka celeni kwaMgazi sis ngicela kuyolala khona namuhla nje.”

Musa:”Uma uyabuya kusasa Noku yini wena sofuna ukuya khona ngoba ukahle.”

Nokubonga:”Ngiyakucela sisi ngeke ngenze okubi umamkhulu uyafana nomawami ngeke ngimudelele kanjalo ngiyakucela.”

Adonse umoya uMusa

Musa:”Hamba Noku ungangifaki eskateni ngiyakucela.”

Ajabule amuhage ahambe aye egumbin lakhe ayogeza agqoke ezinye ezimhlophe ezihlanzekile makaphuma amubheke uMusa azithole sekamoyizela yedwa.

Musa:”Uthando ngiyalusaba, ningalali nalesositsha uyamazi uma.”

Makafika ngale sekaqedile ukudla akhangwe amakha wakhe ashawe luvalo.

Mlungisi:"Ngisayogeza nami."

Nokubonga:"Ngisayogeza lesitsha ngizosala ngilinda u9 sizokhuleka."

Avume uMlungisi makaphuma avale akhiphe ifone yakhe achofoze abeke endlebeni.

"Ndodana."

Mlungisi:"Baba angazi noma ngiyahlanya kodwa ngicela ungilungisele izinto zami, mangilulama ngifuna kuyozishaya ziphelele kaButhelezi."

Viyela:"Hawu hawu hawu ndodana kanjalo nje."

Mlungisi:"Ngithathekile baba."

Biyela:"Asilinde phela kancane."

Mlungisi:"Ngalinda bayamuthatha indlovukazi yami le."

Biyela:"Ngiyavuma ngoba unengqondo futhi uyayisebenzisa ngiyakuthemba ndodana ngizokwenza njalo."

Mlungisi:"Ngezami izinkomo baba angifuni ezakho mazishoda ngizozithasisela ngemali."

Bavalelisane ahambe ayongena emanzini abuye agqoke ezokulala ahle angene engubeni, abuye uNokubonga ezwe noma sekakhiya lumphinde futhi uvalo. Asondele angene engubeni khona la embhedeni. Aphenduke uMlungisi amubheke

Mlungisi:"Umuhle maShenge."

Nokubonga:"Ngiyabonga."

Mlungisi:"Ungikhulekele mina manikhuleka?"

Nokubonga:"Awufisi nokwazi."

Mlungisi:"Asilale kusasa ngizosala ngesizungu masohamba."

Nokubonga:"Uzobe wazi ukuthi ngingowakho la engizobe ngikhona."

Mlungisi:"Lokhu okushoyo kuzwakala kuwumculo ezindlebeni zami ungowami nami ngingowakho."

Amuqamelise esifubeni sakhe balale uNokubonga elokhu eshumpaza aze abuthole ubuthongo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

"We Lunga namuhla awudli sesi?"

Lungile;"Angilambanga ma ngidlile estolo ngaphambi kokushayisa."

"Wena usebenza kamnandi lapha."

Lungile:"Ngisebenza kamnandi kona, yazi kulezinsuku bengikhumbula umama."

"Kumele ucele emsebenzini uthathe amalanga sesi ke uyomubona uyakukhumbula naye."

Lungile:"Ngeke babe nenkinga."

"Usebenzela abantu abalungile mntanami."

Lungile:"Kakhulu ma kepha kunzima kulonyaka ngoba undodana wakhona omdala agula."

Anti:"Iphi intombazane yakhona kanti?"

Lungile:"Abantu abanemali ma usesikoleni  ngiyacabanga bese kuba yilendodana yabo enye ayifuni kuza ekhaya leyo."

Anti:"Ngiyajabula mntanami ukukubona solulamile ngalohlobo, uzokhona kodwa kubuyela ekhaya emva kwalesasigameko?"

Lungile:"Sengikahle ma udokotela lo bebangikhulumisa naye umama ungisize kakhulu."

Anti:"Kambe lomedemu wakho akafuni umubize ngomedemu ufuna uthi mama cha bangabantu impela."

Lungile:"Ikakhulukazi umama zonke lezimpahla namatoys aNduduzo nguyena ongithengelayo."

Anti:"Kumele kengiyobonga kuye yazi uyazibuza nje ukuthi angakusiza kangaka kungaveli noyedwa omdala azobonga."

Athule abheke ingane kamfowabo sebandlule ezintweni eziningi manje seyikahle . Wayehlala ephupha uLungile akhala angalali nasebusuku.  Ingane yakhe yize ayithola kabi kepha uyayithanda akafuni lutho ngayo.

Anti:"Ubaba ka Nduduzo ungamukhomba nje?"

Lungile:"Loyo mdlwenguli ungalinge umubize ngoyise wendodana yami anti."

Anti:"Ngiyaxolisa sesi."

Lungile:"Inkinga ayikho ma, ngeke ngimukhombe kepha indlela ahleka ngayo nokuphefumula kwakhe ngisho namehlo akhe angisoze ngakukhohlwa. Yena wayezifihle kakhulu amehlo ngingawabona."

Anti:"Kulungile mntanami hamba uyophumula."

Asukume athathe indodana yakhe ezidlalela phasi ayithathe aye nayo egumbini lakhe.

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: NONJABULO HADEBE🌼

ISIQEPHU 17🌼

UGabsile noSambulo basezitolo benza igrocer

Sambulo:"Lamaswidi angaka uzowenzani kodwa?"

Gabi:"Sizowadla sobabili, uyabona abantu basibuka kanjani."

Sambulo:"Badidekile angithi bazi singubhuti nosesi manje mawulokhu ungibamba nawe bayazibuza ukuthi lezingane zinamadimoni na."

Bahleke baqhubeke bayokhokha.

Gabi:"Kuneboots engilibone  masindlula la ngicela kulibheka ngilithandile.."

Bangene bobabili alithathe sekukhona nobasizayo alilinganise umubhekile uSambulo aze akhulume yedwa.

Sambulo:"Lomntwana akazi uthando ngimuthanda ngalo."

Asondele amukhombise

Sambulo:"Liyakufanela shesha sizohamba. "

Gabi:"Sambulo ungangitsheli ukuthi sovukelwe futhi."

Ahleke uSambulo bosisi ababili bamuzwe baze bamubheke uSambulo.

Sambulo:"Ngizokulindake kepha wazi ukuthi mangiphuza ukufika emsebenzini ngizobuya ebsuku kakhulu kuningi okumele ngikwenze."

Gabi:"Ohk ohk ngisayobhadala."

Sambulo:"Manje awulikhumuli?"

Gabi:"Bazolishaya onyaweni ngeke ngisalikhipha."

Azimoyizelele uSambulo ngempela angalikhiphi alikhokhele lisenyaweni baphume mabandlula ngasehhovisi lakandabazabantu kukhona owesimame ohlezi phansi unabile uyakhala uGabsile atatazele aye kuye.

Gabi:"Sisi wahlala kabuhlungu kanje iza ngikusize uphakame, uhlala kuphi sikumukise."

“Angifuni kubuyela emuva.”

Kuqhamuke omunye wesilisa naye ugqoke kahle uzama kumncenga.

“Bengingazi sthandwa sami mina ngazi ukuthi amadivosi waphumelela.”

“Kabhlungu kanje kodwa Scelo ngizothini mina ekhaya ngoba bazi ukuthi siyashada namuhla imali le edlekile sizoyikhokha ngani uNjeza uzolokhu abukisa ngathi.”

Scelo:”Sizoyenza indlela Thandazo.”

Thandazo:”Bathi bazosinika lemali ebesibhukhe ngayo ngoba singeke sisashada nje?”

Scelo:”Akusilo iphutha labo ngeke basasinika.”

Sambulo:”Ngiyaxolisa kugxambukela ezindabeni zenu, nikhokhisiwe kuthi nishade?”

Scelo:”Yebo sikhokhisiwe manje masifika kuvela ukuthi ngisashadile ngeke bangishadise.”

Sambulo:”Bekuyimalini?”

Bamutshele akhiphe lemali abanike ize ibe ngaphezulu.

Scelo:”Ngiyabonga bhuti iNkosi ikubusise.”

Sambulo:”Kumele ningene ngobani iskhathi?”

Scelo:”Manje ngiyacabanga sebeme ngathi.”

USambulo abheke uGabsile amubambe

Sambulo:”Asambe siyosayina Gabi.”

Gabi:”Sambulo nginje?”

Sambulo:”Impahla kimi ayisho lutho okubalulekile ukuba nyamanye nawe, ngiyakucela.”

Gabi:”Fine asambe next time mawungicela kumele uguqe futhi ngifuna ilokwe elimhlophe.”

Babashayele izandla laba abababukile abanye babathatha video, amubambe ngesandla bagijime bayongena.

Thandazo:”Bazodinga bofakazi asambe siyobasiza, basisizile sesizokhona nokuthenga ukudla komntwana.”

Babalandele nabo mabangena sebamile nomfundisi womlungu abashiso izifungo bazisho abuze amaring abanawo, athi akunankinga aqhubeke nomsebenzi wakhe. Mabaqeda acele ama id copy wabo uGabi eyakhe ihlala kuwallet ayikhiphe uSambulo athi uzoyiletha amunike inombolo nje. Baphume sebejaha beyoshutha izithombe ezincane zobuso kuphela bazilethe sekushadiswa abanye. Baphume

Gabi:"Hawu nisahlezi lapha kungani ningahambi?"

Thandazo:"Silinde itransport sisi sihlala emapulazini manje izofika ngehora lesihlanu."

Sambulo:"Nihlala kuphi?"

Basho

Sambulo:"Asambeni kodwa ngizoniphelezela mangibuya emsebenzini nizongilinda kwami."

Thandazo:"Cha bhuti asifuni ukuba wuhlupho besisaphumulile nje masisuka la sizoya kocosha okuncane kanye nebisi lwengane."

Gabi:"Asibaphelezele myeni wami masebakhuluma ngengane mhlawumbe sekuphelile kwalokho kudla."

Sambulo:"UThemba uzothukuthela sthandwa sami kunini ngithi ngiyeza."

Gabi:"Well umtshele ukuthi inkosikazi yakho ibikudinga akasebenze."

Sambulo:"Yes madam ngizomazisa balandeke."

Aye kubo uGabsile ngoba besebachelile

Gabi:"Asambeni sizoniphelezela."

Thandazo:"Hawu Nkosi yami sisi saze saba nenhlanhla."

Isoka lakhe limusukumise balandele uGabsile noma sebangena emotweni uGabsile ezwe abadabukela indlela abangayo. Ngathi bayasaba nokuhlala futhi baye nabo ezitolo kungene uGabsile noThandazo uSambulo asale noScelo ngaphandle babathengele nezimpahla zengane zokugqoka, amapampers nobisi oluningi athathe nje uGabsile angabali nokubala.

Thandazo:"Sisi lemali ngeke isanela lezimpahla ziningi."

Gabi:"Sizokhokha lemali leyo yigodle uzothenga ngayo okuzoniphelela phakathi nenyanga."

Thandazo:"Maye ngelosi yokulunga ngibonge ngithini nje, namuhla isoka lami ngeke lideleleke nasekhaya."

Gabi:"Liyadelelwa kanti?"

Thandazo:"Sihlala ekhaya sisi ngoba abazali bakhe bashiselwa endlini yena wakhona ukubaleka wahamba waze wafika kulesgodi sangakithi. Sathandana nje azula ngoba uyalwazi lunjani uthando ngakhulelwake ubaba wathi akazohlala ekhaya asize lapho nalapho. Besihlala kahle kodwa kwanele kushona ubaba cha waba yisidlalo sabosisi bami abadala kanye nomama. Akukho la angaya khona sisi yazi badlale ngaye baze bamuwashise izimpahla zabo noma singathi siyaduba siyahamba akukho la esingaya khona."

Uxoxa lendaba uThandazo uyabona ukuthi uyalithanda isoka lake noGabsile sekahle uyakhala.

Gabi:"Sisi ibuhlungu indaba yenu manje ingane niyishiye nobani?"

Thandazo:"Kunomunye umama ohlala asizwela asiphe nokudla uyakholwa lomama nguyena othe kuncono sishade ngoba nalenhlalo yethu akajabuli ngayo uNkulunkulu."

Gabi:"Manje ngoba ubukeka asemuncane washada nini ?"

Thandazo:"Ubaba washiya imfuyo yakhe egameni lakhe ngoba akazithembi zonke izingane zasekhaya wamushiyela nesitolo iveni ayeyishayela. Kunosisi wami omdala angazi wenza kanjani wazishadisa naye ngobugebengu ngoba afuna zonke lezinto. Ngempela wasichaphaza zona zonke kwaba ngokwakhe."

Gabi:"Asambe sisi seside lesikhathi singenile."

Baphume nje uSambulo asibone isthandwa sakhe ukuthi asisekho kahle ashayele uThemba amucele kuthi babonane kusasa. Bangene emotweni bahambe bamulayele baze bafike baphume baqhasha mababona imoto kanokusho ima egcekeni lakhona. Behle uThandazo noScelo behlise izinto zabo umama Thandazo asondele athathe amapulastiki kanye nomunye usisi.

Sisi:"Seningaze nihambe isikhathi eside kangaka uyakhohlwa ukuthi silambile."

Thandazo:"Uyazi sisi ukuthi besizobuya ntambama namanje sisizwe….."

Kuphume omunye wesilisa ngathi uyasatshwa nje aqonde kuScelo ozibhekele phansi afike amufake isicathulo ebusweni amukhahlele aphakame sekagxaza igazi.

Gabi:"Sambulo siza."

Sambulo:"Yima ngifuna,ukubona okuthile."

"Ubani okunike izicathulo zami wena ntandane ubani."

Ma:"Mushaye angazi nokuthi ayifi ngani lenja le."

Thandazo:"Bhuti ngiyakucela muyeke akusizo izicathulo zakho lezi ilezi bekuzababa uthunge zona."

"Ubabami loyo angithi."

Amushaye ngesibhakela uGabsile sekayakhala emotweni aphume uSambulo kuthuleke umsindo cwaka lo wokumemeza. Asondele kulobhuti wakhona amubambe entanyeni amuphakamise izinyawo zisuke phansi. Sebathukile bonke ngoba abakwazi okunje lobhuti yisigebengu sendawo uyasatshwa makaqeda amulahle phansi.

Sambulo:"Ungizwe ungizwisise lo ingane kababa ngike ngizwe ukuthi uyekele nempukane yamuthinta uzonya ngizokubulala ngikuncwabe umndeni wakho ubhekile uyangizwa?"

Avume ngekhanda bese ubheka losisi wakhona kabi

Sambulo:"Umhlaba lo uncoliswa abanenhliziyo embi njengeyakho mangibuya la wena wazi ukuthi uyafa."

Umawakhona sekathuke waze wazichamela makaqeda asondele kuScelo.

Sambulo:"Lungisa izinto zakho ndoda ngizoza ngizonilanda nomndeni wakho emavikini amabili azayo."

Sekayakhala uScelo

Scelo:"Ngiyabonga bhuti kakhulu ungibongele nakusisi."

Amuxhawule afulathele makafika emotweni aphinde ababheke futhi.

Sambulo:"Nginezindlebe yonke lendawo ke ngizwe okubhedayo nizofa nonke nalabomakhelwane benu."

Angene emotweni ayishaye izule, basale bafaka ukudla ngokuthula bakupake kahle emakhabetheni.

Ma:"Njeza awulimalanga mfanami?"

Njeza:"Futsek bothulile ungangilamuleli manje uzongibuza loko nxxxx."

Ma:"Ndodana bengizokwenzenjani kodwa."

Njeza:"Yazini ngicabanga ukuthi iskhathi utshele lo ukuthi awumuzali usilethele nomthwalo walesoka lakhe manje sekumele ngigadane nalesbozi."

Nompi:"Njeza umuzwile utheni ubhuti wakhe yekela lento."

Njeza:"Abemane akhonkotha nje kube umighty njengoba azisho kungani angahambanga naye manje futhi kungani abengamutholi sonke lesikhathi. Hhey wena mfana ubhuti wakho vele loya noma nicele umuntu azosiqambela amanga asithuse."

Azithulele uScelo angaphenduli kungene uThandazo sekabuyaa kuyolanda ingane yakhe.

Njeza:"Hheywena ngicamtha nawe phendula."

Scelo:"Bhuti ngicela ungibekezelele ngizohamba kungekudala ngisuke emehlweni akho."

Njeza:"Uzohamba bese sidlani thina ngoba kumele usebenze, wena sani ungijwayela amasimba neh."

Asukume aqonde kuye amuphinde ngezibhakela uThandazo azifake phakathi kwabo ubhuti wakhe amusunduzele le awe nengane bashayeke kabi lukhale uswane  kanye bese kuyathuleka. Agijimele kubo uScelo sekugcwele igazi phansi

Scelo:"Thandazo mamakhe vuka, hayibo ntombazane kababa vuka bona ubaba ukuphathele ubisi olungakanani uzodla lungapheli. Vukani Thandazo vuka bo."

Ma:"Njeza wenzeni."

Asondele kubo noNompi ababheke

Nompi:"Mama bathulile labantu bayabanda mpo."

Ma:"Uyabona into oyenzile Njeza ngobuqhwaga nje."

Njeza:"Ungenzi ngathi bobathanda ngiyabuya, wena ungaphumi la."

Aphume uScelo uyakhala kepha izinyembezi azisekho ziphelile.

Scelo:"Nomthandazo vuka sesizohamba siyohlala eGoli vuka sthandwa sami."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaBiyela🌼

Biyela:"Nkosikazi yami usangithukuthelele?"

MaBiyela:"………."

Biyela:"Ngisayobheka uLungile estolo kudala elokhu esebenza yedwa."

MaBiyela:"Ibuya nini indodana yami?"

Biyela:"Yiphi?"

MaBiyela:"Wazi kahle kamhlophe ukuthi ngibuza uMduduzi."

Ngaphandle

Ntombela:"Ngikhulekile ekhaya."

Bamuvulele angene.

Ntombela:"Umfana sekaluleme ngize naye kodwa ikhanda alikakhumbuli kahle yingakho ngimulethile azoba nomndeni uzosheshe akhumbule kanti namehlo ayaphazamiseka ekukhanyeni kukhona abamufaka kona emehlweni."

MaBiyela:"Uzokhumbula kodwa ?"

Ntombela:"Uzokhumbula yena ningathuki ngoba akabukeki njengendodana yenu uhlala athulile, ekuseni uye wakhuluma wabiza umama wabuye wathi Gabsile."

Aphume uNtombela abuye noMduduzi makabona umawakhe amoyizele ayomuhaga.

Mdu:"Mama kwenzakalani ubukuphi?"

MaBiyela:"Ungakunaki kakhulu lokho ndodana angithi kuncono nangu uyambona umama."

Mdu:"Ngiyajabula ukukubona mama, nawe baba uphi uMlungisi noNtwenhle?"

Ntombela:"Niyabona into engiyishoyo uzokhumbula kahle konke makanani."

Baphumele ngaphandle benoBiyela

Biyela:"Imamba le wawukhuluma ngayo yona iphumile ngokushesha nje?"

Ntombela:"Iphumile kodwa usasebuthaka ingabuya futhi yingakho kumele ahlale anani ngoba bekahlonipha makanani asekhaya."

Biyela:"Ngiyabonga ndoda yamadoda."

Abuyele endlini

MaBiyela:"Baba sisaya estolo uthi ufuna kushawa umoya kancane ngicela umunike izibuko zakho zelanga."

Biyela:"Ngingahamba nani?"

Mdu:"Hawu baba usungaze ucele asambeni."

Bagibele emotweni ashayele uBiyela balibangise estolo sabo. Mabafika sekuhle kugcwele abantu bayangena bayaphuma namapulastiki anokudla. Behlike uMduduzi asale emuva asabheka langaphandle abazali sebale phakathi noLungile uyabakhomba okuthile. Angene abheke nabantu bayamusaba bayamuhlonipha mabamubingelela abanye makaqhamuka bayasuka bayeke lokhu abakwenzayo. Uhamba uyabamangalela nje akhiphe izibuko zikababakhe azisule emehlweni kubenzima ukubona azibuyisele futhi. Ahambe aze ayofika kubazali bakhe.

Mdu:"Ma sikhulile lestolo kunakuqala."

Aphenduke uLungile abuke ngakuMduduzi abambeke, uMduduzi naye amubheke babhekane eside isikhathi eside. Abazali abababoni ngoba bakhuluma ngokunye bayakhombisana. Asondele uMduduzi amunike isandla.

Mdu:"Igama lami uMduduzi."

Amuxhawule uLungile alokhu asibambile isandla sakhe kepha angakhulumi.

Mdu:"Okungenani ngazize igama lakho muhle nobuhle ngizokwazi ukwazisa amaphoyisa masongiphule isandla sami."

Athuke uLungile amuyeke amoyizele abheke phansi

Lungile:"Ngiyaxolisa."

Mdu:"Igama lakho."

Lungile:"ULungile ngisebenza khona la ekhaya."

Mdu:"Umuhle Lungile angibazi ubuhle obunje."

Lungile:"Musa ukudlala ngami Mduduzi wena kudala uhamba baningi abahle osobabonile."

Mdu:"Uqinsile inqumbu maningi kabi kodwa abafiki la kuwe, eish amoyizele moso."

Lungile:"Unehaba udlala ngami angisuyeke uthathekile mina."

Amoyizele uMduduzi kodwa uthathekile ngempela yilentokazi.

Mdu:"Ushayisa ngobani isikhathi ngicela ukukuphelezela."

Ashintshe uLungile makacabanga ukuthi wazithembisa ngeke aze athandane namuntu ngenxa isihluku andlula kuso.

Lungile:"Ngiyabonga mnumzane Biyela ngizozihambela nje ngasemhleni angifune kuphelezelwa."

Afulathele abematasa ngokunye amubheke uMduduzi naye uLungile elokhu emubuka ngokumtshontsha. Noma angathatheka kanjani uyabenyanya abesilisa wadlwengulwa kwabulawa nobaba wakhe futhi.

Ngesikhathi sokudla uMduduzi amulandele la asithele ngakhona amufice ahlezi esitulweni makaphakamisa amehlo uLungile arolle amehlo akhe.

Mdu:"Umama uthi ngikunike ilunch yakho."

Ayithathe uLungile amangale ngoba bahlala badla okukhona la estolo namuhla uthenge itwister yase kfc amunike amubheke uMduduzi.

Lungile:"Ngiyabonga ngizoyidla ekhaya nengane yami."

Umutshela ngengane ucabanga ukuthi uzobaleka amubone amoyizela.

Mdu:"Idla ngizomthengela eyakhe."

Lungile:"Ngiyabonga."

Kuqhamuke umaBiyela aqale ababheke bese uyavela nokudla afice uLungile sekaqeda ukudla.

MaBiyela:"Hawu sodlile ngaphandle kwami."

Amangale uLungile abheke uMduduzi amufice amoyizela

Lungile:"Ngiyaxolisa mama uMduduzi uthe nguwena ongithengele le."

MaBiyela:"Mduduzi hamba ukulindile ubabakho ngale ulokhu ushela ngekfc."

Mdu:"Hawu mama siyaphi  nobaba mina ngifuna kukusiza la estolo namuhla."

MaBiyela:"Niya kudokotela wamehlo bazokufaka ama contact lenses  noma izibuko awukwazi kuhlala nezibuko ezimnyama."

Mdu:"Kulungile ma."

MaBiyela:"Maniqeda ubuye la ungalibali ilabangani bakho awukabi kahlehle."

Mdu:"Kulungile ma."

Asukume afice ubabakhe sekamulindile emotweni bahambe.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Kwamamkhulu🌼

UNokubonga wavuka ekuseni sekaphaphanyiswa uMlungisi makaphaphama umufica umubambe umuqinisile. Uzwa nesitho sakhe simuthintile ngemuva kubaleke igazi nakuye.

Mlungisi:"Ndlovukazi sekusile usungahamba manje."

Nokubonga:"Uthe akusebenzi Mgazi."

Mlungisi:"Bekungasebenzi ngempela nami ngimangele nje yingakho ngithi hamba."

Nokubonga:"Kunzima."

Mlungisi:"Ngiyazi kodwa kufanele."

Nokubonga:"Ngizokubona ngaphambi kokuthi ubuyele ekhaya?"

Mlungisi:"Nakanjani."

Nokubonga:"Ngizokukhumbula."

Mlungisi:"Inhliziyo yami iyathunukala mawusho njalo."

Nokubonga:"Iqiniso nje."

Mlungisi:"Iqiniso elibhlungu ngicela uhambe ndlovukazi ngingaze ngilawulwe imizwa."

Avuke uNokubonga aye endlini encane abuye sekasukile naye embhedeni.

Nokubonga:"Ihora lesithathu uyaphi ekuseni kangaka?"

Mlungisi:"Kumele ngigeze kubi futhi kubuye ngamandla cabanga unyaka wonke kungaphakami."

Amubheke uNokubonga abumbe umlomo wakhe amusondele uMlungisi amuhage.

Mlungisi:"Konke lokhu kuyabonisa ukuthi wena uyimpilo yami, ngiyabonga."

Nokubonga:"Ululame Mgazi ungapheli amandla ngiyathembisa ngizokulinda usale kahle."

Mlungisi:"Uziphathe kahle ndlovukazi yami ngiyakuthanda."

Ahambe uNokubonga avule umnyango aphume aphinde ajike abuyele phakathi aziphose ezingalweni zakhe amuhage babambane eside isikhathi. UNokubonga aziqabulele amuyeke sekayakhala aphume aye endlini enkulu. uMlungisi naye asale ayofaka amanzi ebhavini.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UMduduzi babuyele estolo benobaba wakhe masebahamba abazali bakhe wala ukuhamba wabahambisa nje ngemoto waphinde wabuya. Wahlala emotweni kwaze kwashaya isikhathi sokuvala esitolo.

Mdu:"UMlungisi ukube ukhona abezongibonisa ngiyayithanda lengane ngokweqiniso futhi, angazi kwenzakalani phakathi kwami noGabsile ngoba angimuzwa nje ngaphakathi kimi."

Aqhamuke uLungile eme kuthi enqe umgwaqo sekuyaphithiza abantu bashayisile sebabuyela emakhaya, ehlike emotweni amubheke uLungile amangale ngoba ucabanga ukuthi uhambile.

Lungile:"Awuhambanga kanti?"

Mdu:"Ngicela kukuphelezela ngiyakucela."

Amubheke emehlweni akasafakanga izibuko ufake lama contact lens amubhekisise aze anciphise amehlo.

Mdu:"Ngifake amacontact lens amehlo ami ayaphazamiseka ekukhanyeni."

Lungile:"Amadimoni kuphela asaba ukukhanya."

Amoyizele uMdu

Mdu:"Angisiyilo ngiyathembisa."

Kukhale ucingo lukaLungile aluphakamise.

Lungile:"Hellow ma."

Anti:"Sesi uNduduzo akabi ncono sekashisa kakhulu manje sekuyisikhathi eside akhala."

Athuke uLungile aze aqhaqhazele akafuni ngengane yakhe uyithanda ukweqa, ukuthi wayithola ngokudlwengulwa akumphazamisanga ngalutho ekuyithandeni.

Lungile:"Ngiyeza ma ngisayogibela."

Aluvale ajike angasho lutho ayozihloma emotweni kaMduduzi ahlale phambili, aze afise ukuhleka kodwa ngoba uyamubona ukuthi akajabulanga azibambe. Agibele ayishaye izule amulayele kuthi ajikephi. Ngokuphazima kweso nje babe bafika egcekeni aphume ingakemi nnakahle imoto, naye uMduduzi amulandele angene emzini wabantu amangale anti wakhona kodwa angasho lutho. Iyakhala ingane kalungile kabhlungu.

Mdu:"Sanibonani ma."

Anti:"Unjani ndodana?"

Mdu:"Ngiyaphila."

Sekayakhala uLungile kunye nengane yakhe asondele uMdu athathe ingane ezandleni zakhe eqandulayo abambe uLungile ngesandla.

Mdu:"Mama ngicela ulungisele isikhwanyana sakhe sizoya kadokotela."

Anti:"Ngiyabonga ndodana."

Ahambe anti uMduduzi aphume noLungile nengane bayongena emotweni, ayisakhali kakhulu manje kodwa isashisa. Uanti aphume nesikhwama  sengane asifake emotweni bamuvalelise baphume mabafika kadokotela baye kumabhalane.

Mabhalane:"Sekuyi after hour manje kuzobiza."

Mdu:"Inkinga ayikho sisi."

Mabhalane:"Igama lengane."

Lungile:"UNduduzo."

Mabhalane:"Isibongo sisi."

Mdu:"Biyela yazini sizobhalisa masiqeda nodokotela ngicela usifake ingane iyagula please."

Atatazele ayongena ngale kudokotela aphinde abuye futhi ababize bangene.....

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 18🌼

Kwadokotela🌼

Bangene ehhovisi likadokotela uMdu noLungile udokotela osekhulile impela nje. Ayihlole ingane isashisa yona ahlole konke akufunayo.

Dokotela:"Uqale nini ukushisa lokhu?"

Lungile:"Izolo kodwa bekungekho serious namuhla uAnti uthi abekhala kakhulu nalokushisa kwakhula."

Dokotela:"Ungabolinda kuthi kube serious uboshesha kuhambisa ingane kudokotela uyezwa?"

Lungile:"Ngiyezwa."

Ababhalele umuthi okumele bamunike wona athi abamukhumule sonke lesikhathi ibikuMduduzi, uLungile ayithathe aye nayo kulombhede omncane ayikhumulise iqale ikhale ingane futhi. Asukume noMduduzi asondele kubo abone ibala esiswini sengane.

Akakholelwa kulezinto zamasiko namadlozi ufuzo uMduduzi akakunaki nje. Manje umangazwa ilebala elikungane yaLungile ibala alijwayelekile libomvu njengelakhe, elikabhuti wakhe elikaNtwenhle futhi. Aze alithinte kodwa angasho lutho. Azicabangele nje ukuthi ukuqondana kwezinto angakuthatheli ekhanda kakhulu.

Dokotela:"Makashisa ubomukhumula izimpahla zonke umuphuthele ngethawula elimanzi."

Mdu:"Dokotela awukasho kuthi ukhaliswa yini noma lokushisa ekwani."

Dokotela:"Indodana yakho ayinalutho  konke kukahle akamilisi akanazo izinhlungu futhi."

Mdu:"Ingane ayikwazi ukukhuluma mawuthi akanazo izinhlungu ukuthathaphi lokho."

Dokotel:"Ngimuhlolile angithi akabonisi lutho ingane yenu ayinalutho niyithengele lemithi niyiphuzise mayingashintshi nikhulume nabadala ekhaya."

Amususe lethawula udokotela amunike uMdu athi bamugqokise umjovile wamuthandela ngethawula elimanzi ukushisa sekwehlile. Bamugqokise naye akasakhali futhi uLungile amangalele lothando alukhombisayo uMduduzi manje uyibeke esifubeni sakhe baphume bakhokhe uMduduzi bahambe. Mabafika emotweni amunike uLungile ashayele. Mabafika uanti ukhathazekile sebahambe isikhathi leside amise imoto aphume ayovulela uLungile ngemuva naye sekakhale amehlo waba bomvu. Yena abalandele ngesikhwama sabo bangene bonke.

Anti:"Ohhhh bantu uthulile maye ugogo abephatheke kabi uthini udokotela?"

Lungile:"Akazi naye uthi akaboni lutho anti angikaze ngithuke kanjena."

Mdu:"Ekhaya bamangele manje ngibona kuthi ngihambe, uhlale noNduduzo kusasa Lungile ungezi emsebenzini."

Lungile:"Umama ngeke avume Mdu."

Mdu:"Uzozwisisa uma uyamazi nawe."

Anti:"Kanti futhi mina ngizongena esikhundleni sikaLunga angaze aqhashe omunye."

Mdu:"Ngizokhuluma nomama kuqala bese ngiyanazisa, usale kahle Lunga."

Lungile:"Uhambe kahle nawe ngiyabonga kakhulu."

Mdu:"Inkinga ayikho."

Amubuke uMduduzi kuqala kusobala uthathekile wuLunga asukume aqabule uNduduzo osezandleni zikanina amuqabule esiphongo bese uzama nokuqabula uLunga esiphongo aphinde azikhuze noanti amubone.

Anti:"Mulethe ngiyomulalisa sesi."

Amuthathe anti ayosithela naye makasithela nje uMduduzi abambe isandla sikaLunga baphume ngasemotweni amusondeze kuye amuhage noLunga angalwi aqamele ngathi kudala akulangazelela.

Mdu:"Ungifonele makahlupha futhi."

Lungile:"Ngizokufonela vele ngoba ngathi uzwana nezandla zakho nje."

Mdu:"Ingane iyezwa kumele sibendawonye ubabayo akaxole nje ngiyanithatha mina.'

Lungile:"Ukuthi nginengane akukuniki inkinga?"

Mdu:"Lunga nawungabona inhliziyo yami ithatheke njani ngawe ungamangala, ngizoyithanda ingane yakho njengeyami ngingaze ngikuthuthe la siyohlala kwenye indawo uNduduzo azokhula angazi njengobababakhe. Bona namagama ethu ungasho nje kugcwale umlomo kuthi ubaba nendodana."

Athule uLungile acabange indlela amthola ngayo.

Mdu:"Okungenani ngithembise ukuthi uzocabanga ungaveli wale."

Azame ukusuka uNokulunga amubambe ngesandla uMduduzi amudonsele kuye.

Mdu:"Ngiyakuthanda ngicela ungiphe ithuba"

Amuqabule esiphongo bese uyogibela emotweni ahambe uLungile makangena endlini ashalazelele uanti wakhe aqonde egumbini lakhe usalele uNduduzo naye akhumule alale celeni kwendodana yakhe. UMduduzi yena makafika ekhaya abazise abazali bakhe kuthi bekaphelezele uLungile kadokotela bamubongise  ubuntu abenzile kodwa angayiphathi indaba yokuthanda uLungile...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Kwamamkhulu🌼

UMlungisi usale wageza ujabulile kodwa ubuhlungu futhi ngesikhathi sokudla kwangena umamkhulu qobo lwakhe. Ubuya akhazimula ngenye indlela kodwa ubuso bakhe ngathi abeneme. Amubuke uMlungisi abone uNokubonga ebusweni bakhe nguye avuka. Lomama muhle lo into ayinaka makafika la kodwa manje umubona amuhle kakhulu ngoba ugqoke ubuso besithandwa sakhe.

Umamkhulu abone lobuhlalu asondele amubambe esandleni abubheke amuphendule nesandla amubheke emehlweni.

Mamkhulu:"Bubuyaphi lobuhlalu ngoba ubungabugqokanga?"

Mlungisi:"Ngeza nabo ma."

Mamkhulu:"Indawo yakhona la bubuya khona."

Mlungisi:"Umama wabuya nabo eSwatini buningi ekhaya mangiqala ukugula umama abehlala angifundisa ukwenza imigexo mangiza ngapha bangifakela  just ukuqhuba isikhathi."

Mamkhulu:"Ngibona lobuhlalu bugqokwe omunye wesifazane, mina akukho engingakwenzela kona kepha ilo wesifazane. Ngibuya emfuleni ngikhulekile ngizilile ngicela kuvezelwa ukuthi uphethwe yini. Engivezelwe kona ilo wesifazane angimboni ebusweni ngibona isandla kuphela."

Mlungisi:"Ngathi kuzothanda ukubanzima ngoba bane abesifazane asebanalomgexo wesandla umama, usisi wami omncane, ilengane esebenza esitolo sasekhaya kanye nomunye ma."

Mamkhulu:"Bonke bafakwa nguwena locu lwenziwa izandla zakho?"

Mlungisi:"Besibenza noma sibuhlanganyela."

Mamkhulu:"Ogqoke ucu olwenze ngezandla zakho kusukela eqaleni uze ubuqede obungahlanganyelwanga."

Azibonele ukuthi uNokubonga wakhe kodwa kungani eshawa luvalo kanje asabe nokwazisa umamkhulu kuthi ubani. Kungenzeka impilo kaNokubonga izoba sengozini na.

Mamkhulu:"Mntanami khuluma wena ushiwe sikhathi isizwe sakho siyamosheka bahlaselwe indlala, imfuyo iyafa kunesomiso uzophelelwa abantu. Ngapha lenkosi mbumbulu ebusayo iziphethe izingane zabantu iyazitika ngocansi kuzo ezinye zize zivalelwe njengezigcila."

Ngaleso sikhathi uNokubonga uphuma ngesango akazi ukuthi umamkhulu wakhe uzobuya nini. Akanandaba nalokho okusenqondweni yakhe ufuna kuyolungisa azise umndeni wonke ukuthi sekayahlukana noNathi, ngisho nomndeni kaNathi kumele wazi. Masekalungise lapho uzobese uyakhululeka akafuni lutho okuzophazamisa ubudlelwane bakhe noMgazi. Manje ulibangise kubo ufuna ubabakhe amuphelezele baye khabo Nathi khona namuhla. Uye washayela uSambulo kuthi amulande naye umufica sekayingenele indlela ngezinyawo. Agibele ayihlehlise phela muncane umgwaqo obheke kamamkhulu izimoto azikhoni kuhamba zibe zimbili lokho futhi kwenza kubenzima ukuyiphendula imoto. Ayihlehlise ize iyofika kuthela wayeka womgwaqo bese ushayela kahleke.

Sambulo:"Umama kumele athuthe kulendawo yakhe."

Nokubonga:"Ngeke avume."

Sambulo:"Tshela minake ekuseni kangaka."

Amubheke ubhuti wakhe

Nokubonga:"Sambulo kukhona umuntu engimthandayo kuyathusa futhi."

Anikine ikhanda uSambulo

Sambulo:”Rebound sesi ungazihluphi.”

Nokubonga:”Kudeep Sambulo akuchazeki ngiyamuthanda.”

Sambulo:”Into yanini le? Mangabe impendulo yakho kuzo wumanje kulamalangana uhambile kakho then awumuthandi uchazwa ukuthi awusacabangi uNathi ucabanga omunye umuntu.”

Nokubonga:”Akusiyo bhuti lokhu uthando lwangempela ngicela ungeseke.”

Sambulo:”Ngeke ngikuvimbe mina kodwa ngicela uzinakekele.”

Nokubonga:”Nakanjani.”

Sambulo:”Ngifuna kumubona kuqala futhi.”

Nokubonga:”Ohk big brother.”

Sambulo:”Manje uyaphi ngikumukisa kuphi?”

Nokubonga:”Ekhaya ngifuna ubaba angiphelezele ngiye khabo Nathi ngiyotshela abazali bakhe kuthi sesihlukene.”

Sambulo:”Ngempela userious ngalomlisa omusha.”

Nokubonga:”Ngiyamuthanda Sambulo.”

Sambulo:”Ukuphi nihlangane kuphi?”

Nokubonga:”Ukamamkhulu.”

Sambulo:”Ilesangoma esikunike ubuhlalu, noGabsile ubufuna la.”

Nokubonga:”Akasiso isangoma bhuti yazi lomuntu unento kuye enamandla ngizifisa duze naye njalo.”

Abone uSambulo ukuthi uthathekile usesi wakhe.

Sambulo:”Uyazi angithi angikafuni kungena ekhaya ngizokushiya ngaphandle.”

Nokubonga:”Ngiyazi kodwa bazongibuza kuthi nikuphi.”

Sambulo:”Usiphike uthi awusazi, maniya khabo Nathi nihambe noBonga azoba luhlaza kubo bazokudedela ngokushesha.”

Amise imoto kudenyana nakubo bavalelisane, ukhululekile uSambulo ngoba uyazi uNokubonga abanandaba naye. Ayijikise imoto ashayele uThemba kuthi alandele umndeni wakhe mabaya khabo Nathi.

Themba:”Kulungile, wena uyaphi?”

Sambulo:”UNokubonga ubhayizisekile le kamamkhulu esinye isigulane ngifuna kumubona nje lolova.”

Themba:”Masombonile uzomenzani?”

Sambulo:”Mangabe ugula usele ngekhanda sekaphume namathambo ngizomqedelela anginasisi mina engiyonikezela ngaye kubolova nje abagulayo.”

Ahleke uThemba bavalelisane ayinyathele sekayibhekise kwamamkhulu amushayele ucingo kuqala ngenhlanhla alubambe.

Mamkhulu:”Ndodana.”

Sambulo:”Ngisendleleni eza lapho manje ngiyabuza ukuthi ngizongena na ngeke ngijikiswe esangweni.”

Mamkhulu:”Woza ndodana sengibuyile.”

Bavalelisane ashayele aze afike angenise imoto ehlike umamkhulu makabona indodana yakhe amamatheke amandla awathwele akawaboni. Ukunyathela kwakhe kugcwele amandla nako, afike amuhage amubambe ngesandla bayongena esigodlweni sakhe.

Mamkhulu:”Goqoza lamanzi.”

Ahleke uSambulo

Sambulo:”Ma njalo mangiza la sozobheka izindaba zami cha hhayi namuhla ngize ngokunye la.”

Mamkhulu:”Ngeke ngikulalela ungakagoqozi la.”

Bamoyizelelane afake isandla sakhe emanzini kuvele kugqame isithombe sakhe  noGabsile mhlazane athatha ubuntombi bakhe, athuke akhiphe isandla abheke umawakhe amufice amoyizela anikina nekhanda.

Mamkhulu:”Mntanami ngiyazi ugangile naye ngikubone ufika nje manje engikufunayo ngifuna kubona amandla lawa afunwa kangaka ewani.”

Sambulo:”Kwamele ubheke lento eyenzekayo ma?”

Mamkhulu:”Sambulo ngisemsebenzini mina la ngifuna ukuvikela izingane zami kumele ngazi ewani ngoba amanye amandla eyaphendulana ube nenhliziyo embi .”

Asibuyisele futhi abheke umamkhulu wakhe akanakanga nokwenziwayo yena uthalaza lokhu akufunayo uSambulo ubulawa amahloni ngenye indlela. Abone isithunzela kusabhubhesi liyabhonga amazinyo aphume wonke, amoyizele umamkhulu, bese ubona inkanyamba yenyoka makayibhekisisa imambakazi enkulu emehlweni icwebile kepha ayifuni kunyathelwa emsileni inolaka. Amanzi kube ngathi ayabila abone uMlungisi futhi nalentokazi evela isandla kuphela manje sekubonakala noSambulo uhamba nomunye angamazi kodwa akabonisi bungozi yena kugcwele igazi phansi. UMlungisi awe esihlalweni uSambulo agijime nalo abonakale naye baye

esihlalweni basibone siqhephuke izinyawo lesihlalo yingakho iwile inkosi. USambulo asilungise bese uyamuhlalisa futhi.

Sambulo:"Sengiyindlela nkosi yesizwe."

Mlungisi:"Ukukhanya kube nawe nomndeni wakho."

Sambulo:"Dade izophinde ibonane."

Akamuboni kepha iphimbo uyalizwa.

"Ukukhanya kube nawe."

Sambulo:"Asambe Mduduzi umsebenzi muningi usilindile."

Bafulathele bahambe phinde futhi kubonakale uSambulo noGabsile beme entabeni uGabsile umemeza imvula ngokushesha liguqubale liyidlive amanzi athule acwebe akhiphe isandla uSambulo.

Mamkhulu:"Kunomuntu engifuna kukuhlanganisa naye ngathi uzoba wusizo kakhulu kuyena, manje hamba uye endlini."

Sambulo:"Kukhona umuntu engizomubona nami ngifuna kukhuluma naye kuqala."

Mamkhulu:"Ndodana ngiyazi yingakho ngithi hamba uye endlini ulapho udadewenu."

Aphume umamkhulu angakamuphenduli aye egumbini likaMlungisi.

(AYIPHELELANGA NGIZONIFAKELA ISICEPHU SAKHONA ESISELE NGINAMAHLOMI NJE NGOBA NGIBONA ISIKHATHI ENGINITHEMBISE SONA SINDLULA

INQUBEKA KA18🌼

Umamkhulu angene egumbini likaMlungisi amufice ajulile nje uyabonakala ukude nomcabango.

Mamkhulu:"Nkosi yesizwe ukude nomcabango."

Mlungisi:"Ngiphazamisekile emoyeni ma lento ongambulele yona ingihlabile phakathi kweminjunju yenhliziyo."

Mamkhulu:"Ubonisa ukuba yinkosi ngempela ikuwe lento mawuzokhathazeka ngesizwe sakho."

Mlungisi:"Kumele kwenzekeni kuthi ngilulame ngiyolwela abantu bami?"

Mamkhulu:"Ululeme ndodana manje kufuneka lowesifazane engingakhono ukumubona kuphela."

Mlungisi:"Kungani ufihlelwa ubuso bakhe?"

Mamkhulu:"Ngeke ngazi nkosi yesizwe ngoba kuyaqala kodwa ngizomuthola ubani."

Mlungisi:"Ngiyamazi mina ma ngimuthanda kakhulu futhi kodwa ngizwa ngiyasaba mhlawumbe ngoba ufihlelwe yena impilo yakhe ingaba sengozini."

Amoyizele umamkhulu

Mamkhulu:"Uhlakaniphile ubonisa ubuhlakani lempi uzoyinqoba. Mawungafuni ukungitshela ngoba uthi uyamuvikela anginankinga. Kukhona engifuna kukuxhumanisa naye ukuze uhlale esihlalweni sakho kudingeka yena.."

Mlungisi:"Ngizwela amakhaza ma ithi ngigqoke into enomkhono omude kuqala."

Mamkhulu:"Kulungile uze esigodlweni mawuqeda."

Aphume umamkhulu azithele kuMusa exoxa noSambulo.

Mamkhulu:"Nomusa umile egcekeni ngezinyawo ungowesifazane kwenzekeni."

Sambulo:"Yobe ma uvinjwe yimina bengimubuza ngoNokubonga."

Musa:"Ngiyakwamukela ma ngokubuya kwakho."

Mamkhulu:"Asingeneni."

Bangene esigodlweni bahlale phansi

Musa:"Ma ubhuti Sambulo ufuna ukubona uMga...."

Angene uMlungisi ngaleso sikhathi umamkhulu athi uMusa akaphume, uSambulo eme ngezinyawo abhekane noMlungisi. Babhekane bobabili kungabibikho obingelela omunye,

nomamkhulu angabanaki nje. USambulo ehlise amehlo ezandleni naseziqakaleni nasentanyeni ufuna ukubona kuthi akafakanga buhlalu na angabuboni. Sekayazazi ukuthi uyasabeka uSambulo kodwa uyamumangaza lomlisa ome phambi kwakhe kungani angabonisi ukumusaba.

UMlungisi  yena uzibuza ukuthi sekayahlanya na makazofanisa uNokubonga yonke indawo, uyasibona isthandwa sakhe kulomlisa ophambi kwakhe osabekayo. Kanjani nje ngoba uyindoda angaze amufanise nesthandwa sakhe sisihle kanje.

Mamkhulu:"Hayibo nawu umhlolo wami nagqolozelana emehlweni nje hlalani phansi."

Bahlale phansi maduzane

Mamkhulu:"Nkosi yesizwe nguSambulo lona ngibe nombonakaliso ongivezele nina nobabili kukhona okuzonixhumanisa kuyonisiza ukuthi nizwane. Sambulo lona uMlungisi ubuya ebukhosini kumele agcotshwe abe yinkosi kepha umbuso wakhe usesandleni esibi kabi uzoludinga usizo lwakho, kukhona omunye wesithathu angimunakanga kakhulu igama lakhe uMduduzi naye nizoxhumana naye. Ingabe ukhona owazi uMduduzi kini nobabili?"

Mlungisi:"Ukhona uMduduzi ongumfowethu omunye ungumshayeli wamatekisi ami."

Sambulo:"Mina lo engimaziyo uyisitha sami angicabangi ukuthi nguye."

Mamkhulu:"Sambulo hamba naye nizokwazana umulethe kusasa ntambama."

Sambulo:"Angeke angihluphe akaguli na?"

Mamkhulu:"Sekakahle manje ume ngami kumele ngivezelwe lowesifazane bese uyahamba."

Sambulo:"Ayikho inkinga sizohamba kodwa masengibone lo engize ngaye."

Mamkhulu:"Sambulo ngikutshelile bengingekho hamba  uyomubheka endlini enkulu."

Mlungisi:"Ma ithi ngiyothatha okokugqoka ngale egunjini ngoba nisancokola."

Mamkhulu:"Kulungile nkosi yesizwe."

Aphume uMlungisi

Sambulo:"Wakuphi lomuntu?"

Mamkhulu:"Ngicela uxhumane naye futhi ngathi ungathuma lomngani wakho alethe uGabsile nizobanodwa ningaphazamiseki. Niyadingana nalomuntu."

Sambulo:"Ngeke kulunge ma uGabsile ukahle."

Mamkhulu:"Bengingakuceli njalo fonela uThemba ngeke nife ubsuku obubodwa."

Aqale afonel uGabsile kuqala

Sambulo:"Nkosikazi umamkhulu uyakufuna yazi manje le ayishoyo angiyizwisisi."

Mamkhulu amuhlwithe ifone ayibeke endlebeni yakhe

Mamkhuku:"Mntanami kunjani?"

Gabi:"Ngiyaphila ma."

Mamkhulu:"Ngithumele uThemba lapho uzokulanda uzolala ngapha ngoba kunomsebenzi engiwunike lesoka lakho kumele awenze kusuka manje nakusasa."

Gabi:"Kulungile ma vele kade ngakugcina ithi ngilungiseke."

Aluvale

Mamkhulu:"Shayela lomngani wakho ke."

Makaqeda abuye noMlungisi bayogibela emotweni noThemba ulanda uGabsile ngale bazophambana ngendlela..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaButhelezi🌼

uNokubonga ufike kubo wabikela abazali bakhe okumuvelele bashaqeka nabo.

Buthelezi:"Manje ufuna ubaba akusize ngani ndodakazi?"

Nokubonga:"Baba mina ngikhathele ilenhlalo bengicela ungiphelezele ngiyobazisa kubo ukuthi asisahlali ndawonye. Lomama uzongithuka mangiqhamuka ngedwa."

Zodwa:"Kanti kube uyabayeka ungazihluphi ngabo awubakweledi incazelo ingane yabo okumele ibatshele."

Buthelezi:"Umawakho uqinsile mntanami."

Nokubonga:"Baba mina ngifuna ukubatshela nalomama bekahlala angithuka athi angizali."

Kuqhamuke uBonga uphethe ibhokisi leultra mel uyayiphuza.

Bonga:"Hayiman dadewethu nguwe lo."

Asukume naye uNokubonga bahagane amudlibhize izinwele njengoba wayehlala enza kwakudala.

Nokubonga:"Uqalile Bonga noma somudala kangaka."

Bahleke bonke.

Nokubonga:"Ngiyakucela baba."

Buthelezi:”Kulungile asambe.”

Bonga:”Siyaphi.”

Ahleke uNokubonga

Nokubonga:”Ubani othe kuyahanjwa  nawe.”

Bahleke balandelane uZodwa asale kushayele ubababo bahambe isikhashana bafike khona. Ehlike uBonga avule isango lakhona angenise imoto uButhelezi.

UNathi ukubo unele kubona imoto yakhona wajabula azitshela ukuthi bayamugqquba abuyele emzini. Phela wabaleka mhlazane abuya athola umlayezo wokuthi uSambulo abemufuna wathatha izimpahlana zakhe wazocasha kanina. Banokhe emnyango....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU19🌼

KwaBiyela🌼

Biyela:"Nkosikazi wathula kangaka ucabangani?"

MaBiyela:"Ngicabanga uMduduzi baba, mawumubhekile ukahle engqondweni yakhe?"

Biyela:"Mina ngimubona ekahle kodwa ushintshile nje."

MaBiyela:"Lomfana bekathanda uGabsile ngenye indlela sekangashintsha akhohlwe nguyena ngokushesha nje, noma sekamubulele naye?"

Biyela:"Ungangithusi nkosikazi."

MaBiyela:"Phela makunjalo komele singamuvumeli asondele nje kuLungile lengane indlule ebunzimeni obukhulu kabi ukudelelwa uMduduzi kuzomubuyisela emuva."

Biyela:"Ngizokhuluma naye ndlovukazi."

MaBiyela:"Shesha baba kungaze kube late."

Asukume umaBiyela athi usayokwenza itiye ekhishini.

Biyela:"Ewu nkosikazi ngiyakukhumbula."

MaBiyela:"Ungikhumbula njani ngila."

Biyela:"Ingani ubungithukuthelele ngisaba nokukunyakazisa."

MaBiyela:"Ayyy baba ngisayophuza itiye."

Biyela:"Unuka kamnandi nkosikazi buya ngithi manqa phela."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Khabo Nathi🌼

Babavulele bahlaliswe phansi.

Buthelezi:"Ninjani ekhaya?"

MamaNathi:"Siyaphila singezwa nina."

Buthelezi:"Siyaphila, asihlelanga size ngendaba yalabantwana."

MamaNathi:"Bengithi ngizoza kusasa ngoba undodana bekasasibikele, impela angazi ukuthi uzokhula nini  Nokubonga masowendile indaba yabangani ayidingeki bayakhohlisana kungcono ngoba umyeni wakho ulungile uzimisele kukuxolela."

UbabButhelezi abheke indodakazi yakhe nayo emangele.

Buthelezi:"Ngathi asikhulumi ngento efanayo, khuluma ndodakazi."

Nokubonga:"Lento engizoyisho ngifuna uNathi abekhona."

MamaNathi:"Mubize usegumbini lakhe uyalazi nje."

Nokubonga:"Bonga ngicela uyongibizela yena kulegumbi leli."

Asho ekhomba ngomuno, awubheke uBonga amemeze.

Bonga:"Ehhh NATHI NKOS'NATHI ZWAKALA YII UYASIZWA MOSO."

Aswabe uButhelezi uNokubonga afikelwe ukuhleka kodwa azibambe, aphume uNathi sekashintshe nezimpahla. Ahlale celeni kwaNokubonga amumoyizelele uNokubonga azithulele.

MamaNathi:"Khulumake ntombi nangu umyeni wakho."

Nokubonga:"Mama ngizonazisa ukuthi siyahlukana sinoNathi sengikhathele mina ukushawa nguye njalo."

Bonga:”Uthini entlek uthi lebhari iyakushaya wena awusho kimi?”

Nathi:”Ngiyaxolisa sthandwa sami ngiyathembisa ukwenza kwancono.”

Nokubonga:”Akukho ozokwenza selokhu ngahlala nawe angijabulanga akusiyo induku kuphela uyangigangela. Bengizokwazisa umndeni wakho kuthi bangamangali kuphelile.”

Nathi:”Noku please.”

MamaNathi:”Buthelezi ingane yakho sayilobola emini bebade wonke umuntu abona, awabuye lawo malobola kusasa nje. Yena washesha ukuthi ukhathele indodana yami kunini ibekezelela lamanyala bowenza. Akukho muntu ozoncengana bawe la."

Buthelezi:”Ekuseni niyovuswa yimina azobuya nebhansela asambeni.”

Asukume uButhelezi uyasaba futhi kuthi uBonga angavukwa ukudelela kwakhe baphume uNathi aphelelwe amandla.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaAnti🌼

ULungile aphaphame ebusuku abheke indodana yakhe ilele kamnandi ayibheke nokuma kwamashiya ayo, athuke sekacabanga ngoMduduzi. Athathe ucingo lwakhe hawu uye wamufonela uMduduzi kathathu abheke isikhathi sekuneskhathi impela efonile asabe kumufonela back yize efuna. Angene kuwatsap nakhona unemilayezo.

Mdu:’Akulaleki ngicela ukuza.’

‘Noma sekungaba umzuzu owodwa nje.’

‘Ngiyathemba ilele indodana uyophumula nawe.’

Amoyizele makabheka ifone yakhe ikhale esandleni makabona ukuthi uMdu amoyizele ayiphendule.

Lunge:”Awukalali?”

Mdu:”Akulaleki ngempela.”

Lungile:"Kwenziwa yini ungalali?"

Mdu:"Ngidliwa uthando ngane yomuntu ngidliwa uthando."

Amoyizele uLungile naye.

Mdu:"Usekhona?"

Lungile:"Yebo ngisekhona."

Mdu:"Bake bakutshela ukuthi umuhle kanjani?"

Lungile:"Azange mina ngalithola ithuba lokujabulela ubuhle bami."

Mdu:"Kanjani?"

Lungile:"Ngizokuxoxela ngelinye ilanga indaba ende."

Mdu:"Ngiyakuthanda uyezwa."

Lungile:"Ngiyabonga."

Mdu:"Mmmmm uyabonga."

Amoyizele uLungile.

Lungi:"Ithi ngilale kusasa ngiyangena phela."

Mdu:"Ngithe uhlale nje anti wakho wathi uzongena"

Lungile:"Angifuni kuba wuhlupho kuAnti sekangisize kakhulu."

Mdu:"Umama nobaba bathe abanankinga hlala hawu."

Lungile:"Ngiyabonga Biyela ithi ngilale nami ngizaze ngivuse uNduduzo."

Mdu:"Phumula sthandwa sami ungakhohlwa ukuthi ngiyakuthanda."

Lungile:"Ngiyabonga."

Aluvale ngokushesha  uLungile bese uziphosa embhedeni ngobuso.

Lungile,:"Nami ngiyakuthanda Mduduzi Biyela kodwa ngiyazisabela umawakho angikholwa ukuthi uzovuma ngoba uyazi ukuthi ngadlwengulwa mina. Luphinde lukhale futhi kusenguye uMduduzi.

Mdu:"Wena ngizokushada, sengilinde ubhuti wami ashade ngizovuka ngakusasa ngiyokushada."

Lungile:"Hayibo Mdu."

Mdu:"Okh okungenani ngitshele kancane mangabe kukhona okukuphethe nawe ngami ngiyakucela phela."

Lungile:"Mina kuningi okwangivelela bengingaziboni ngithandana nomuntu wesilisa."

Mdu:"Ubaba kaboy wakuhlupha?"

Lumgile:"Wangidlwengula ngangingathandani nanaye ngingamazi ngase ngiba noNduduzo kanjaloke, angikwazi mina Mduduzi ukuthanda umuntu, engingakusho kuwe ukuthi yebo ngiyakucabanga kodwa."

Ezwe ti ti ti ti makabheka ifone sekalivalile inhliziyo yakhe ibe buhlungu akhale kungene anti wakhe ngoba sekachiphiza kakhulu.

Anti:"Lunga yini sesi ngoba ingane ilele wena ulunywa yini."

Lungile:"Bengisocingweni noMduduzi ma, elokhu engibikela ukuthi uyangithanda."

Anti:"Ngimubonile nami uyakuthanda lomfana."

Lungile:"Akangithandi mama ngimutshelile ukuthi uNduduzo akana yise ngadlwengulwa yena wangivalela ifone kanjalo."

Anti:"Oghg mntanabhuti kungenzeka uphelelwe ibattery sisi usungaze ukhale kangaka."

Aphaphame noNduduzo akhale atatazele amunike ubisi lwakhe angalufuni akhale uNduduzo.

Lungile:"Kwenzenjani kanti ngengane yami anti nakhu engasafuni nokudla."

Anti:"Nawe uyayikhalisa Lungile ngalokukhala kwakho ingane iyasensa phela. Mulethe la thula wena fana gogo shhhhh. Hayibo Lungile nayi ingane iphendula amehlo."

Ayibheke uLungile ezwe kushintsha nephimbo ingane seyikhala kungaphumi nephimbo ilikhiphe kudala maseyidonsa umoya. Avale amehlo uLungile.

Lungile:"Anti sizokwenzenjani ebusuku kanje kodwa Bawo ungathathi induduzo yami ngingabayini Thixo."

Anti akasazi enzenjani manje kukhala unina nengane yakhe uNduduzo sekacwebisa amehlo nokushisa kuyamuqala athathe ucingo lukaLungile acinge inombolo kaMduduzi ikhale ize izithulele. Acinge ekamama waMduduzi kuphela kwabantu ababaziyo abanemoto lomndeni lukhale iskhathi eside alubambe.

MaBiyela:"Lungile ebsuku kangaka."

Uyezwa naye umamBiyela kuthi ingane ikhala kabhlungu noLungile ukhala nayo, aze akhumbule uMlungisi indlela ayemuhlupha ngayo esemncane wayezifunela ubabakhe nje. Makavuka embhedeni angafuni kuphazamisa uBiyela kanti sekaphapheme.

Biyela;"Nkosikazi kwenzenjani?"

Anti:"MamBiyela ngiyaxolisa kukufonela ngaleskhathi sihlushwa ingane iyakhala seyize iphendula amehlo ukhuluma noAnti kaLungile."

Lunqamuke ucingo umaBiyela abheke umyeni wakhe.

MaBiyela:"Baba uLungile uhlushwa yingane futhi ngicela uyovusa uMduduzi asiphelezele kuthiwa seyicwebisa amehlo."

Angasabuzi uBiyela avuke agqoke aye egumbini likaMduduzi amangale abuye egijima.

Biyela:"Akekho lomfana egumbini lakhe izingubo zibheke phezulu nje."

MaBiyela:"Asambe baba lingakadumi."

Biyela:"Angishayele uNtombela lomntwana bekayiswe kadokotela kumele ngabe ukahle ngoba esenje asizwe kwabaphansi."

MaBiyela:"Bangamakholwa baba."

Biyela:"Bazozixoshela bona uNtombela kodwa thina sizobazela nosizo."

Amushayele uNtombela avume kuthi bandlule bamuthathe kwakhe.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Sambulo noMlungisi🌼

Uhambe noMlungisi uSambulo baya eflethini lakhe mabafika.

Sambulo:"Uzosebenzisa legumbi nkosi yesizwe."

Mlungisi:"Ngiyabonga kodwa ngicela ungibize ngegama lami lonkosi wesizwe akezwakali kahle mangingekho kuso lesizwe."

Sambulo:"Kulungile ufuna senzenjani."

Mlungisi:"Ngiyayithanda indawo yakho yinhle."

Sambulo:"Ngiyabonga my authi ngikuzwe ukhuluma ngamatekisi?"

Mlungisi:"Yebo nginamatekisi asezindaweni ezahluka hlukene."

Sambulo:"Uyawuphuza ubhiya?"

Mlungisi:"Ngiyawuvakashela hhayi kakhulu."

Sambulo:"Mina nawe ngathi sizozwana."

Mlungisi:"Nami ngiyabona."

Sambulo:"Hamba uyobeka iskhwama sizojika ngapha eshisanyama."

Ahambe ayosibeka angene endlini encane makaqeda aphume bahambe baqonde eshisanyama yakhe uSambulo. Bayohlala etafuleni njengamakhasimende, oyedwa eze.

Sambulo:"Ushaya ngomlomo noma uzodinga ingilazi?"

Mlungisi:"Angiyisebenzisi ingilazi my outhi letha ibhodlela."

Amoyizele uSambulo naleweyitha.

Sambulo:"Ulethe nenyama uyazi ngiyithanda injani angithi."

Avume ahambe uMlungisi uyathalaza.

Mlungisi:"Ngaze ngayithanda lendawo iyabonakala umnikazi wayo uhluzile ekhanda, akukho lamantombazane adlalisa umdidi inesthunzi futhi."

Ahleke uSambulo

Sambulo:"Hawu ngiyayibongela wena ubunga eda ini kuyo."

Mlingisi:"Iphelele lendawo ayishodi ngalutho,, ohhhh indawo yokugezela izimoto ngibone isikhala ngale. Bantu bazokosa ngapha babe belinde izimoto zabo zigezwa nesithombe sendlovukazi yami lapha phezulu."

Sambulo:"Esendlovukazi yakho pho."

Mlungisi:"Yebo ubuhle bakhe buzodonsa amakhasimende ngapha nangapha."

Sambulo:"Ngathi usemathandweni nkosi enkulu nje."

Mlungisi:"Hhey ngize nginamahloni ndoda lento eyenzeka lakimi ngalengane hhayi ngiyazizwa nje makangafona akhala athi baby nayi inkomo iyangivima angikhoni kundlula."

Usho ulinganisa iphimbo lowesifazane.

"Ngingasukuma la ngiyobulala leyo nkomo eyyy ngigqokiswe iphenti Shenge awazi."

Ahleke uSambulo.

Sambulo:"Sigqokiswe sonke."

Baxoxe nenyama yabo ifike uSambulo amubone engumuntu oneqiniso othanda kuzincokolela kodwa ongazwani nento ebheke eceleni. Kukhale ifone kaSambulo ayibheke bese iyathula.

Sambulo:”Lenombolo kunini ingibhaza.”

Mlungisi:”Cheeseboy umuntu makenza nje akanawo umoya wokukufonela mhlawumbe awuwazi no ‘pleas call ngaphandle' wena ngiyakusola.”

Bezwe kuhleka uThemba ngemuva kwabo uyafika nje baxhawulane amazize asukume uSambulo ashayele lenombolo abashiye bexoxa.

Sambulo:”Hellow.”

“Bamubulele nya bhuti manje bayomugubhela nengane yami.”

Sambulo;?:”Ngikhuluma nobani?”

Ezwe iphimbo ngale

“Wenzani wena manje ngikuthume ipiki sdididi nxxxxx.”

“Ngiyaxolisa bhuti.”

Owesifazane:”Njeza yini isihluku esinje.”

Athuke uSambulo aluvale ucingo abuyele etafuleni athathe bokhiye sekashintshile.

Themba:”My authi.”

Sambulo:”Asambeni kukhona osenukelwa ukufa ngizonitshela emotweni.”

Basukume ngamajubane bayongena emotweni kaSambulo ayisuse abatshele la endleleni ngokuhlangana kwabo naboThandazo noScelo nesimo sabo. Bonke badineke afike angatholi muntu egcekeni laboScelo mabaphuma kuqhamuke umama ohlala ebasiza uyibonile lemoto mayibaletha. Uwuzwile nomsindo wokukhala ngoba ungumakhelwane.

“Madodana ngicabanga ukuthi baye empophomeni ngifunakushayela amaphoyisa kodwa umoya anginawo, ngiyathemba basaphila Nkosi yami uNomthandazo nengane yakhe.”

Uyakhala umntomdala

Sambulo:”Ikuphi empophomeni mama?”

Abalayele bangene emotweni bayifake phakathi kusahlathi kodwa phakathi kwalehlathi kunamanzi ehla phezulu. Nangu uNjeza nabafana abathathu, uScelo uNompi kanye nomamaNompi bayakhala, umzimba waThandazo uphansi ubekwe nengane phezu kwakhe. Behlike basondele basaphikisana omunye uthi abafakwe emfuleni omunye uthi abagujelwe.

Sambulo:"Awulale njandini neh?"

Babheke emuva bonke labafana bathuswe ilezidlakeka eziphambi kwabo abangazazi uNjeza yena angakhoni nokufihla uvalo luzenzele.

Mlungisi:"Scelo basaphila?"

Anikine ikhanda uScelo....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Kushunqa intuthu phakathi esigodlweni sakhe entanyeni ugaxwe inyoka kwayena unamehlo asabisayo.

"Ihoooyi iyooooo ayyyyy akukho muntu ozophila masekakhishwe imamba."

Omunye:"UMduduzi Biyela walethwa yimina mamba ngoba ngibona inhliziyo yakhe ingasisiza."

Mamba:"Ngiyakwazi lokho ingane kamfowethu phela le."

"Bengilangazelela amandla aqukethwe udadewabo ngamuphosa kuthi amuthande, besekushoda kuthi ngimulale manje nakhu sengikhishiwe."

Mamba:"Buyela emzimbeni wakhe uyazi amandla ngiyawadinga."

"Ngeke kusasiza udadewabo sekawanike isoka lakhe sebafase nefindo abathinteki."

Mamba:"Madlokovu ungangidini thola intombazane enhle ezolutha lomlisa."

Madlokovu:"Mamba enkulu egwinya gwinya ezinye ngathi awungizwanga kahle. Lomndeni kudala ngibanyanga kodwa manje sengiphelelwe."

Mamba:"Phuma madlokovu ngingakakugwinyi ngizokubona emva kwezinsukwana. Ngiyabufuna lobukhosi namandla akhona ngokuphelele futhi. Indodana kamfowethu izobuyela ezimambeni, MDUDUZI VUKA UZE LA VUKA MDUDUZI UZE LA. Ihhoyiiii."

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU20🌼

USambulo asondele kancane abheke uThandazo abheke nengane yabo amuthinte entanyeni asukume aqonde kuNjeza azame ukubaleka kodwa azithele kuMlungisi. Amujikise ngesicathulo amukhahlele awe ngezinqe.

Sambulo:"Themba babheke izinto zakho mina nomngani wami la kuningi okumele sikwenze la, ohh kanjani Mlu?"

Mlungisi:"Sho angithandike mina kuchitha iskhathi."

Njeza:"Ngiyaxolisa bhuti kubeyiphutha."

Sambulo:"Ngitheni kuwe mangisuka la?"

Njeza:"Uthe ngizonya."

Sambulo:"Hawu kanti usakhumbula."

Amukhahlele futhi uNompi nomawakhe sebakhala kwaphela izinyembezi.

Mlungisi:"Khumulake iskhathi siyahamba."

Njeza:"Awu malume ngikhumuleleni."

Amukhahlele ebusweni uSambulo akhafule igazi uNjeza.

Sambulo:"Khumula."

Aqhaqhazele akhumule ibhulukwe uSambulo makabhekisisa uScelo amubone kuthi uhamba ngezinyawo futhi kumakhaza nalezinyawo zakhe ngathi ziyabanda azisakwazi ukunyathela kahle ngenxa yamakhaza.

Mlungisi:"My authi basaphila?"

UThemba sekamile ubabhekile umangalela lokwenza izinto ngokufana uSambulo noMlungisi ngathi abananhliziyo.

Themba:"Basaphila masingabahambisi manje bazosishiya."

Sambulo:"Hamba nabo kanye noScelo."

Themba:”Nina nizoza ngani?”

Mlungisi:”Ungazikhathazi ngathi.”

USambulo akhumule izicathulo konke namasokisi akunike uScelo izinyawo seziqinene azikhoni kunyathela. Baphakamise uThandazo othulile nengane yakhe bagibele emotweni ishosholoze bayiqondise esibhedlela. USambulo asale noMlungisi negenge yaNjeza kanye noNjeza.

Sambulo:”Simenzeni lo my authi?”

Mlungisi:”Mina akumelanga ngincolise izandla zami ngegazi ngize  ngihlale esihlalweni sami.”

Sambulo:”Sho my authi ngizomubulala mina.”

Mlungisi:”Cha my authi uyamubona uzenza sabhozanyana kulesgodi asimudilize esihlalweni awanye awanyofe bese simushiya kanjalo.”

Sambulo:”Bokuphi sonke leskhathi empilweni yami ngathi sizozwana. Uqinsile labafanyana ngeke basamuhlonipha.”

Basondele kuNjeza sekayabanda manje ngoba bamukhumulisile.

Samba:”Coshama unye ndoda"

Njeza:”Hawu bandla angiphiswanga nje.”

Sambulo:”Mawunganyi manje ngizothi labafana bakho banye bonke bese uyawadla.”

Ehlise isikhindi sakhe aziphoq kuthi enzele phambi kwabo bamubhekile, waphusha waze waphuma kwathiwa akawadle. Ababaze umawakhe.

Mama:”Ndodana ngicela nimuxolele.”

Njeza:”Bhozza ngicela umane ungibulale ungangenzi nje.”

Akhiphe isibhamu uSambulo amushaye emadolweni womabili.

Sambulo:”Usakhuluma ufuna ukufa noma ukudla?”

Njeza:”Ngizowadla mlungu wami.”

Awangenele uNjeza ngapha ufuna nokuwabuyisa

Sambulo:”Nina sizobuya la size sinithole nidansela isiginqi sakhe nizongithola kahle.”

Bafulathele

MaNjeza:”Hawu kodwa bafana bami sizomenzanjani ngoba nimudubulile asinayo imoto ngicela nisihambisele yena.”

Sambulo:”Salukazi angikujwayelanga ukudelela umuntu ongaka ngawe vala umlomo uzibonele indodana yakho. Angithi bafundiswe nguwena ukuhlukumeza uScelo? zibonele.”

Bafulathele abangani bakaNjeza nabo bahambe mabaqhamukela emgwaqeni baqalele bahayikhe nalababafana babahayikhise bagibele ngokushesha uSambulo sekahamba ngezinyawo. Zibuhlungu amakhaza uyazibuza ukuthi uScelo ukhona kanjani. Bangabe basaya esbhedlela ngoba uThemba uthe sebaxhunywe emishinini, uScelo naye abengabonisi impilo bamu admitha naye. Bafike kwaSambulo bageze balale belokhu bexoxa bememezana omunye akwelinye igumbi.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Mduduzi🌼

ULungile makangitshela indaba ebuhlungu kangaka ngokwamuvelela ngivele ngathuka ngavuka ngagqoka ngayongena emotweni ngayibhekisa kubo. Ngiyamuthanda uLungile futhi manje sengimuthanda kakhulu ngoba abonise ukuqina wathanda ingane yakhe yize ayithola ngalohlobo. Ngizoyikhulisa indodana yakhe njengeyami ohhhhh maye ngiyamuthanda uLungile. Mangifika esangweni lakhona ngizwe umsindo ezindlebeni zami nephimbo likababa ungimemeza ngathi usebumnyameni. Ngithalaze ngingamuboni kodwa iphimbo lakhe ngiyalizwa liqhamuka ngapha.

Baba:”Mdduzi vuka uze la vuka uze la.”

Hayibo ubaba ngoba angilele kungani athi ngivuke ngizwe sengathi kukhona okungiphendulayo kungihambisa ngenye indlela. Lento ike yangenza kimi ngiyakhumbula kuke kwenzeka ngathi mangiphaphama lapho ngazithola ngiphelezela uGabsile aya ekolishi. Ngibathe ngiyalwa kuthi ngingajiki kodwa kuyafana ngathi izinyawo zami zibabuthaka.

Ngizwe iphimbo lika Nduduzo likhala kabhlungu kakhulu futhi angazi nami kanjani kodwa ngezwa ubuhlungu obumangalisayo ngaphakathi kimi. Umawakhe unjani yena mayekhala kanje.

Mina:”Angikaze ngikhuleke kodwa namuhla ngiza kuwe ngicela ungisize Baba ngikhone ukuhamba yenzela uNduduzo ngiphe amandla, kanti kwenzakalani ngami manje.”

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaAnti🌼

ULungile usakhala babheka noAnti wakhe mababona uNduduzo sekayatha aphelelwa ngamandla ezandleni zika anti wakhe. Agijime athathe ingane yakhe ayibeke esifubeni ayishushuzele ayiphaphamise kufane nje.

Lungile:"Anti anti hhayi ingane yami."

Asangane u anti angazi athatheni ayihlanganise nani.

Lungile:"Mduduzi ungithembisile MDUDUZIIIIIIIÌI ngiyakucela  buya uzongisiza ohh mawami ngengane yami."

Asakhala kanjalo kubekhona onokhayo emnyango.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Endleleni🌼

MaBiyela:"Ingabe iyephi lengane kodwa ebsuku kangaka?"

Biyela:"Indoda endala uMduduzi nkosikazi ungazikhathazi okubi nje ukuhamba angasazisi."

MaBiyela:"Wasiza noNtombela nangu usilinde celeni  komgwaqo ngeke sisangenelela kulomgwaqo oya kwakhe."

Biyela:"Ngempela ndlovukazi usizile."

Bakhiphe imoto endleleni agibele uNtombela baqonde kwa anti amise imoto eceleni amoyizele uBiyele

MaBiyela:"Baba wase umoyizela wedwa nje?"

Biyela:"Ulokhu ukhalela ukubona uGabsile uthi ufuna ukumazi nje sala sokhohlwa, nangu umakoti wakwakho uLungile, nayi imoto yendodana yakho idunusile la."

Bangene umaBiyela angamuphenduli umyeni wakhe uNtombela mababeka unyawo nje egcekeni amemeze.

Ntombela:"Iyoooooooo MDUDUZI JIKA manje."

Bamubheke ngokudideka

Ntombela:"Lesilwane sizama kuthatha indodana yenu futhi, mam ndlovukazi ngicela uyongena endlini ubazise ngami."

Afulathele uNtombela aphume ngesango amulandele uBiyela, umaBiyela ayonokha angene naye afice isimo sisibi enganeni. Makangena nje uLungile umemeza igama lendodana yakhe kakhulu kabhlungu naye aze abalekelwe igazi kusukume unwele ngemuva.

Ngaphandle boNtombela bazithele phezu kwaMduduzi azihudula ubheke ngakubo uhamba ngathi kukhona okumdonsayo kumqeda amandla. Bathi bangamubona uyise amuthinte kube ngathi uyaphaphama.

Mdu:"Baba."

Ntombela:"Asambeni ndodana uyadingeka, okuningi sizobuye sibhekane nako."

Bahambe bayongena kwa anti banokhe abavulele umaBiyela uLungile unele kubona uMduduzi wakhohlwa nabantu abadala wasukuma wayoziphosa kuye. Babukana abazali bakaMduduzi amuhage uMduduzi bese uthatha uNduduzo osothulile akasakhali akasanawo amandla.

MaBiyela:"Mama ngenxa yokuthi sekuhlwile izibhedlela zikude size nobabNtombela."

Anti:"Uzokwenzani ubabNtombela?"

Ntombela:"Nkosazana akukho okubi engizokwenza nengizokuphikisa ngizobheka nje umzukulu, akukho dlozi engizolikhulumisa futhi."

ULungile usithele noMduduzi ngasegunjini lakhe kanye noNduduzo, elokhu ehlikihla uNduduzo izandla uMduduzi. Aqale athimule umntwana akhohlele, abuye athimule uLungile amubheke ingane ivule amehlo kodwa ngokuvilapha. Athinteke phakathi uMduduzi azizwe naye asondelene nengane kaLungile ngenye indlela. ULungile ajabule kodwa abe emangele.

Lungile:"Akasayathi Mduduzi."

Mdu:"Nangu uvula namehlo uzofuna ukudla manje, uyalincela ibele?"

Lungi:"Hayibo lekhehla leli."

Babhekane uLungile uyehla izinyembezi kodwa.

Mduduzi:"Ngiyaxolisa ngokwakuvelela."

Lungile:"Ngiyabonga."

Mdu:"Asambe."

Lungile:"Siyaphi?"

Mdu:"Kadokotela asikwazi ukuhlala phela kumele amuhlole kuthi bekenziwa yini. Singahamba sonke siye ekhaya uma unganakinga."

Lungile:"Phumake ngizogqoka."

Aphume abuyele  kubazali abanganakanga ukuthi abekho la, ngoba bebalokhu bekhuluma ngokuthi anti akadedele uNtombela ahlole isimo sengane, uAnti akayivisisi leyo. Mabezwa umsindo wengane ixoxa bamangale aze asukume uAnti kaLungile abuke umzukulu wakhe. UNtombela athuke ahlahle  amehlo kubone wonke umuntu ukuthi uyathuka. Asukume naye athathe ingane kuMduduzi ayibeke phezu kwetafula ayibheke aze aqhaqhe makinobho kulento ayigqokile amubheke emzimbeni amehlo akhe mawahlangana nebala elehlukile asheshe amuvale.

Ntombeka:”Shwele baba shwele baba shwele baba, nkosi yami ngicele kukuluma indlebe.”

Ayishiye lapho ingane uMduduzi ayithathe umaBiyela ashaye izandla kuqhamuke uLungile sekagqokile wafuthumala, uphethe isikhwama sezimpahla amangake anti wakhe amubheke.

Lungile:”Anti angikweyisi kodwa uNduduzo ungithusile namuhla, buka kufike uMduduzi wamubamba wathula ngathi azange akhale. Ngicela kuhamba nabomama noma kungaba ubusuku obubili ingame yami kungenzeka iyezwa ukuthi ayinababa seyiqala ukukhumbula izandla zikaMduduzi angazi nami.”

Mdu:”Ngizobaletha anti ngicela ukuhamba nabo umama nangu uzosisiza.”

Ashaye izandla uAnti kaLungile babhekane nomaBiyela angakaphenduli abuye uBiyela ngaphandle sekajulile.

Biyela:”Nkosikazi ingane seyikahle asambe.”

MaBiyela:"Baba abantwana bathi bacela sihambe nengane nomawayo izokwazi ukuthola ubuthongo.”

Biyela:”Ubuthongo buzotholakala kwami manje lobo ubuthongo?”

Mdu:”Ngiyakucela baba.”

Anikine ikhanda uBiyela namehlo agcwale izinyembezi makabheka indodana yakhe.

Biyela:”Asambenike nawe anti wakhe ungakhiya sambeni sonke uzokhululeka.”

Anti:”Cha baba ningahamba uLungile angalali egumbini laMduduzi.”

Bonke bababheke

Mdu:”Asikho lapho, asikwazi nokufika futhi sicabanga ingane.”

Bobabili umaBiyela noAnti bashaye izandla ngaphandle uNtombela usa khala uyababaza.

Ntombela:”Shwele baba, mmmmm hayiman kanje pho haaaaaaaaaaaaaawu, ithi ingaba nkulu inga……… haaaaaawu shwele baba.”

Baphume ingane isasekuMduduzi iwakhiphe wonke amehlo uLungile asale ahaga uAnti wakhe.

Anti:"Ungangixabanisi nomawakho Lungile."

Lungile:"Ngeke anti mina ngibona ukuthula kwakhe makasezandleni zika Mduduzi nje."

Anti:"Ngizobona ngawe mawubuya nivale  nesango kahleke."

Amuhage futhi aphume izimoto sezingaphandle kwegceke avale kahle isango naye agibele emotweni kaMduduzi. Amunike ingane ayisuse uNtombela ugibele kubo manje alokhu ababuka babukana. UMdu umubuka esibukweni ngoba ehlezi ngemuva,naye uLungile uyamubuka bese uyamoyizela abheke phansi.

Ntombale:"Hhhhaaaaaàawu namuhla ngizobamude inkosi impela."

Abamunakile ingani inyanga ziyathanda kukhuluma noma ngabe yini. Bafike bangenise imoto kulomgwaqo oya kaNtombela ime ngaphandle.

Ntombela:"Bantabami manifika ekhaya  lengane, mawungazazi izithakazelo ucele uyihlo amuthokolele."

Amangale uMduduzi babhekane benoLungile.

Mdu:"Baba angiqondanga kukhuluma kabi Lungile, ngizozisebenzisa njani izithakazelo zami ingane ingazalwa yimina."

Ntombela:"Ingane ikwamukele njengoyise ayikaze iphathwe umuntu wesilisa njengoba wena ufike wayiphatha. Mangabe unina wayo uyavuma ayingene ngezibongo zakho, lokho kuzokwenza noma ngabe ungekho duzane naye ngeke abeyilento abayiyo. Unina makangavumi ingeniswe ngezibongo akangayi kwakuya kwaBiyela akajike . Wuuuu sekakhulumile umlomo ongathethi manga kukini bantabami. Okuningi kuyoziveza kona hhey kuyoziveza awuvule lomshini ngihambe."

Amuvulele imoto angene balokhu bamile

Mdu:"Senzenjani?"

Lungile:"Angazi kuwe mina isibongo esakho mawungafuni ngizozwisisa."

Mdu:"Uyazizwa uthini Lungile, mangivumela lento uNduduzo usungowami noma kungenzekani phakathi kwami nawe, indodana yami yokuqala le."

Lungile:"Ngiyezwa mina ngifuna ingane yami ike iphumule ilale njengaseqaleni."

Ayisuse uMduduzi ayifake endleleni mabafika kubo abazali bakhe abakangeni imoto ingaphandle kwegceke.

Biyela:"Naba beza ndlovukazi."

MaBiyela:”Baba mina angikayizwisisi lento ingane ingaphiwa nje isibongo kanjalo, ngiyathemba akukho ongifihlela kona myeni wami ngoba makukhona kwavela ngiyakuthembisa ngizokushiya.”

Athuke uBiyela makezwa lawo mazwi phela uyayithanda inkosikazi yakhe, kakhulu futhi adonse umoya.

Biyela:”Asingenise ingane emagcekeni kusasa sizovuka siye esitolo ngizokwazisa konke okushiwo uNtombela.”

MaBiyela:”Kulungile baba.”

Biyela:”Ngiyathemba uzokhona kumelana neqiniso emva kwalokho mina bengingafuni ukukutshela ngoba ngivikela wena, kwesinye isikhathi ubokwamukela ukuthi yimina indoda kulomndeni mangithi akwenziwe izinto ngalendlela zifundise ukulalela. Okunye uzongithusa ngokuthi uzohamba ngikudedele ngaleso sikhathi angicika kabi lawo magama”

Aphume emotweni nomaBiyela abone naye ngathi sekayinyathele emsileni amulandele umyeni wakhe. Imoto yaboMduduzi ime nayo ngaphandle kwesango ngabo ubumnyama basebusuku. Abathanda izindaba bayalunguza ngoba bebona ukukhanya kwezimoto.

Biyela:”Lungile mulalise ngesisu la esangweni.”

Enze njalo uLungile ucabanga izilwane nje yena ngoba isebusuku ingane yakhe.

Biyela:” Mzukulu wami Nduduzo ngena ekhaya Biyela Biyela, Ntshangase, Menziwa, Njezi kaXhoko, Ndabezitha Mvundlane waseKhabeni, Mbengosinda abosi, Mgazi, Luzumane kaNdaba baZume, Ndaba balibele, Mgazi omponjwane, Dinane wamakhosi, wena usiphuka phakathi ebukhosini ezintabeni zokhahlamba eMgazini. Ngena mzukulu thula manje usufikile ekhaya.

Muphakamise babakhe"

Amuthathe uMduduzi uLungile sekayakhala ingane yakhe ithule duuuuu ilokhu iyenza umsindo wezingane iphinde ihleke. Bangene endlini uMduduzi aqonde egumbini lakhe noNduduzo nesikhwama sikaLungile kwesinye isandla. Angazi enzenjani uLungile noma alandele noma enzeni, inhliziyo yona ithi landela. UmaBiyela uphithene ikhanda

Mdu:”Asambe siyophumula Lungile sekusile vele.”

Amulandele umaBiyela afike aziphose embhedeni wakhe, angene umyeni wakhe naye uthukile yilokhu akutshelwe uNtombela.

MaBiyel:”Baba ngiyaxolisa ungangitsheli uma ungafisi.”

Biyela:”Ndlovukazi ngeke uhlale ungazi izovela lendaba ukuthi manje angikafuni kukutshela ngoba izokulimaza.”

MaBiyel:”Kuncono ngingazi kunokudabuka  ngaphakathi kimi buya silale baba.”

Biyela:"Umhlaba nkosikazi unezawo lena ngiyoyixoxela amajuba e…."

MaBiyela:"Baba uthe awufuni kungitshela musa kungihalisa ngayo asilale."

Bangene engubeni balale..

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU21🌼

UMduduzi masekulalwa wabeka indodana yakhe esifubeni sakhe walala wabheka phezulu eyishushuzela yazumeka. ULungile ubabhekile ukhathele naye akazi enzenjani noma agibele embhedeni uzwa abanamahloni. Akakaze asondelane nomuntu wesilisa kanje, cha baningi abashelayo ikakhulukazi ngoba usebenza nangabo esitolo.

Lesitolo sakwaBiyela sisoqophelweni oluphezulu kabi amakhasimende abo amanye abantu abadla izambane likapondo. Akukho noyedwa oke wamuhalela uLungile. Makubakhona ozibikayo bekagcwala inzondo kodwa nangu manje ubuke uMduduzi elele uzithola emoyizela yedwa. Ulele egqokile futhi akasayiphathi eyendodana yakhe wuuuu ulele kamnandi esifubeni sakhe esikhulu, akhiphe ucingo lwakhe abashuthe abeke isithombe sabo njengescreen saver.

Asukume aphume aye ekhishini khani azizwa ukuthi ulambile kodwa uyasaba afike athele amanzi asawaphuza nje kuqhamuke umaBiyela. Amubheke amoyizele uLungile abheke phansi.

MaBiyela:"Lungile ukahle?"

Lungile:"Ingane yami ilele ma ngikahle."

MaBiyela:"Ngingakubuza okuthile, ngicela ungakuthathi kabi."

Lungile:"Ungabuza ma."

MaBiyela:"Hlala phansi ngikwenzele itiye mina ngivuswe indlala."

Lungile:"Cha ma ithi ngilenze."

MaBiyela:"Mntanami okungenani vula laphaya ukhiphe esizokwehlisa ngako itiye."

Amukhombise avule akhiphe umaBiyela yena enze itiye belokhu betshontshana nje, abuye ahlale kunye naye la duzane.

MaBiyela:"Nenzanani ninoMduduzi?"

Athuke abheke phansi uLungile adonse nesikhohlela esingekho.

MaBiyela:"Angilwi mantami ngiyabuza nje, niyathandana na?"

Lungile:"Angazi ma."

MaBiyela:"Awazi?"

Lungile:"Angazi ngempela ma, kodwa ngiyakuthokozela ukuba naye."

MaBiyela:"Mntanami angifuni uzifake esilingweni, usulaphekile na ngento eyakuvelela. Ngiyabona uMduduzi naye uyamukele indodana yakho kodwa mawubheka kuzohlala kunje."

Lungile:"Ukukhuluma iqiniso ma angizange kengicabange ngekusasa, manje mina ngijabulela ukuthi ingane yami ikahle."

MaBiyela:"Uke wazibika yini uMduduzi kuthi uyakuthanda?"

Lungile:"Kusukela aqala ukungibona azange afihle, nami ngathatheka ngiqala ukumbona kodwa ngisenakho ukusaba."

Adonse umoya umaBiyela, yena akusiye umuntu okhethela izingane zakhe abantu abazobathanda kodwa kulokhu akafisi kwenzeke ngenxa yento eyamuvelela uLungile kanti nesimo sendodana yakhe asijabulisi ushintshashintsha kaningi.

Mabiyela:"Mawuthi uthathekile usho ukuthi uyamuthanda?"

Lungile:"Yebo ma ngiyamuthanda."

MaBiyela:"Mntanami lalela angiqondi okwenzekayo ngawe nendodana yami kanye nendodana yakho engizokusho nje ukuthi ngicela uzibheke. Ungalandeli uMduduzi ngoba nakhu ngathi uxhumene nendodana yakho mntanami. Makangabheda kanye nje ubowazi ukuthi ngeke ashintshe ufulathele wenzele wena nokuthula kwakho kanye nengane yakho."

Amubheke uLungile asole futhi ukuthi akathandi athandane nendodana yakhe.

Lungile:”Ngiyakuzwa ma, kodwa uma ukhathazekile ngokwangivelela uMduduzi ngimazisile.”

Amangale umaBiyela.

Lungile:”Kolwami uhlangothi ngiyamuthanda uMduduzi nginesiqiniseko ukuthi ngisasenokusaba kimi, makangadlala ngami noma angishiye.”

UMduduzi umile ubalalele emnyango aphinde ajike kwayena uzwa asaba kunento ngaye angakhoni kuyiqonda . Akayikhumbuli kahle ngokucacile impilo yakhe eminyakeni emihlanu okunye uyakukhumbula okunye akakukhumbuli.

Ucingo lwakhe lunabantu angabazi kahle, izithombe zamantombazane anqunu amenza abenezinhloni kwayena, abelokhu azicisha kancane kancane zaze zaphela zonke.

MaBiyela:”Inkinga ayikho mntanami ngisayolala sekusile buka ihora lesihlanu.”

Lungile:”Wuuuu sekusile ngeke ngisakhona nokulala kanti ngikhathele uzovuka manje uNduduzo afune ukudla kwakhe.”

Mabiyela:”Udlani ekuseni ngiyathemba akakumori njengalezi zami izingane ngokuthanda ipapa nesobho ekuseni.”

Lungile:”Haaa mama ukudla kwaNduduzo lokho kwemihla ngemihla, azange avume opurity, iphalishi waliqala anezinyanga eziyisikhombisa.”

Amubheke umaBiyela kodwa angasho lutho.

MaBiyela:”Hamba uyolala sesi ngizomuphekela ungazihluphi ngeke ungene ngoba usengapha.”

Lungile:”Mama ngeke ukhone kupheka lephalishi alithandayo.”

MaBiyela:”Iphalishi elimanzi nokunosawoti eceli umsobho wenyama.”

Lungile:”Yebo ma waze ngani?”

MaBiyela:”Kuphela kokudla okuthandwa izingane, hamba uyolala sesi.”

Abonge uLungile bese uyahamba afice uMduduzi abheke uNduduzo naye aze athuke indlela amubuke ngayo ngoba akusiye indodana yakhe. Angene.

Mdu:"Awulalanga?"

Lungile:"Cha."

Mdu:"Buya sizolala, nami ngiphaphane ungekho la ngathuka nje kuthi ukuphi."

Lungile:"Bengihlezi  nomawakho."

Mdu:"Buya uzolala sondela."

Lungile:"UNduduzo uzophaphama kungekudala."

Mdu:"Ungesabi Lungile akukho engizokwenza kona, ungalala ngezimpahla futhi."

Lungile:"Ngeke ngikhone ukulala ngojini."

Asukume uMduduzi akhiphe ishothi yakhe azikhumule ujini wakhe naye abelele ngawo agqoke leshothi bese ungena engubeni afulathele uLungile. Naye akhumule akhiphe amabhijama akhe amade esikhwameni . Angene engubeni ngakuNduduzo bamufake phakathi.

Mdu:"Awusacimanga ngoba bojahe ukucasha."

Lungile:"Ngiyasaba ukulala ngobumnyama ngicela ungacishi."

Mdu:"Awufuni kuzolala ngapha ngoba uyasaba."

Lungile:"Ngiyafuna kodwa nawe ngiyakusaba."

Mdu:"Kulungileke asilale, ngiyakuthanda uyezwa."

Lungile:"Ngiyabonga."

Azithulele uMduduzi ingani umuzwile atshela unina ukuthi uyamuthanda, balale..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Ekuseni uMlungisi noSambulo bavuka bazilungisa wathatha isikhwama sakhe wasifaka emotweni uMlungisi. Sebajwayelene manje kulula ukuxoxa nganoma yini.

Sambulo:"Qeda ndoda ukudla ngikhumbule iphenti lami."

Ahleke uMlungisi.

Mlungisi:"Uyajabula wena mina elami angilazi nokuthi livukuza kuphi."

Sambulo:"Bekezela ndoda mangabe ulithanda ngendlela obungitshela ngayo nizohlangana futhi. Zilungise angaze angene engozini njengoba bowusho."

Mlungisi:"Yazi ngize ngifisa kuyeka yonke lento yobukhosi ngiziqhubekele namatekisi ami ngishade iphenti lami."

Sambulo:"Iskhathi siyashesha ndoda uzolibona, ngiyathemba wazithatha izinombolo zocingo."

UMlungisi sekamuxoxele uSambulo ngendlovukazi yakhe wamubekela yonke indaba, uSambulo yena uzicabangela uMusa ngoba nguye okungathi usemncane lapha kubasizi bamawakhe.

Mlungisi:"Ngihambise my authi uzolanda iphenti lakho."

Sambulo:"Yazi nginosisi oshade  nesithutha nje esinesitifiketi sobulima ukube kuya ngami ngabe uzithathela yena."

Mlungisi:"Khohlwa sengithathiwe eyami inhliziyo inomnikazi."

Sambulo:"Ukhuluma ngoba awukamuboni, mhlazane wamubona uzolilahla lephenti lakho muhle udadewethu."

Mlungisi:"Sambulo uyangishela manje yini ndoda?"

Sambulo ahleke.

Sambulo:"Manje uthini vele uyangifaka noma uyangikhipha?"

Mlungisi:"Ngiyakukhipha futhi ngikukhahlelela le."

Bahleke kukhale ifone kaSambulo ayiphendule.

Sambulo:”Baba.”

Buthelezi:”Sambulo kwenzenjani kanti, wahamba wangabuya nengane.”

Sambulo:”Baba ngimatasa sizobuye sikhulume.”

Buthelezi:”Uyazi okumele kwenzeke angikuqondi lento osoyenzayo manje, ufuna sichake.”

Sambulo:”Ngizoza lapho ekhaya ngizonibona.”

Buthelezi:”UBonga uphumile ejele sekalindile.”

Sambulo:”Usale kahle  baba.”

Makayibeka phansi kungene ifone yaKhans.

Sambulo:”Ngiyathemba angeke ngithethiswe.”

Khans:"Ndodana mawuthola ithuba ngicela ubuye ngapha eKappa uyakhumbula azange sisakhona ukukhuluma.”

Sambulo:”Bengikucabanga nje emini baba ngizokwenza indlela yokuza.”

Khans:”Shesha ndodana yazi kunuka impi ngapha noma kungacaci kahle kodwa lomfo owathi awumthembi simubeke iso kuningi aphezu kwakho.”

Sambulo:”Ngizoza baba.”

Khans:”Ngathi ungeza  nabantu obathembayo okungasimagwala.”

Sambulo:”Kahle kahle wenzani loBudayza?”

Khans:”Ngeke ixoxeke ocingweni mfanami.”

Bavalelisane uSambulo asala azibuza ukuthi kwenzakalani le engaka noma uMduduzi usalandelana noGabsile.

Mlungisi:”Wajula kangaka manje?”

Sambulo:”Komele ngiye eKappa kunezinto okumele ngiyozilungisa.”

Mlungisi:”Uma kukhona la engingasiza khona ungithinte.”

Sambulo:”Ngiyabonga bro asambe ngiyokubeka.”

Baphume belandelana bayongena emotweni.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

uButhelezi uthukuthele akakhoni nokufihla ngesenzo sikaSambulo kuthi amuvalele ifone endlebeni yakhe.

Zodwa:”Kwenzenjani Mkhululi?”

Buthelezi:”USambulo kwangathi sekasifulathele.”

Zodwa:”Kuphelile ngathi phela uma lokho kuliqiniso, yenza indlela baba mubuyise kudala ngisebenza yonke,leminyaka.”

Mkhululi:”Ngiyabuya kukhona ongangisiza ngiyazi.”

Athathe ukhiye wemoto aphume ashayele ibangana nje afike la aya khona, alinde ngaphandle phela ngeke azingenele la.

Akhuleke esangweni lakhona kuze kuqhamuke umnikazi wekhaya ahamba kancane ngathi umhlaba ungowakhe. Akhangeke uMkhululi abone inkazimulo angayazi ezwe kuba nokuthula kuyena.

“Ngingakusiza ngani Shenge.”

Kwenzeke into ayengacabangi ukuthi iyophinde yenzeke ukujabulela ukubizwa ngesibongo lokhu angasakwazi.

Shenge:”Nelsiwe.”

Nelisiwe:”Ngingakusiza ngani?”

Shenge:”Ngizodinga usizo lwakho.”

Nelisiwe:”Inhliziyo yakho ibhondobhondo udlame, izandla zakho zincolile kanti ingqondo yakho igcwele ukusa. Awamukelekanga kulamagceke Buthelezi. Ubumnyama sekwaba namandla empilweni yakho kangangokuthi ngisho ukukhanya qobo lwako akuzifuni duze nawe. Ungubusuku uzihambela nje.”

Abheke phansi uButhelezi ilamagama.

Nelisiwe:”Kulamagceke uyokwamukeleka mzukwana ufuna ukuyeka lobubi obenzayo kepha okwamanje awukafuneki fulathela Shenge.”

Shenge:”Ewuuu naMageba waze wangihlaba kabuhlungu amazwi akho kanti awuxoli na, awungifisi nje empilweni yakho.”

Nelisiwe:”Kudala ngakuxolela engikwenyanyayo ubumnyama lobu ozikambele ngabo, kanti ke baba wezingane zami uthando lwakho lusekhona yonke leminyaka lulokhu lukhona kepha elwaMkhululi lothando, uMkhululi ophila eqinisweni. Mzukwana wavuma ngomlomo wakho konke kuzobuyela endaweni yako kodwa okwamanje ngicela ungihambele kwami.”

Shenge:”Ngenze njani ukuthi ngishintshe.”

Nelisiwe:”Ungizwile vuma ngomlomo wakho ufulathele nalobumnyama konke kuzobakahle.”

Kuqhamuke Sambulo naye makabona uyise avele acabange isthandwa sakhe, behle benoMlungisi asale uSambulo UMlungisi abingelele aqonde egumbini lakhe.

Sambulo:”Konke kukahle ma?”

Nelisiwe:”Kukahle mfanami.”

Angene uSambulo uGabsile abe sekamubonile uSambulo amugijimele ayoziphosa kuye bahagane. Ubabakhe ubabhekile uyazibuza kuthi kungenzeka sebahlala lana na. uMlungisi naye ubabuke efasteleni azizwe sekakhumbule isthandwa sakhe ngenye indlela. UGabsile ufulathele akamuboni kahle agcine sekazichofozela ifone yakhe. Ahlehlele emuva uButhelezi ayongena emotweni yakhe, ayishaye izule. Umamkhulu asuke naye abheke laba ababambene egcekeni lakhe.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Mamkhulu:"Phumani hambani la kwami ngiyahlolelwa na Sambulo."

Amoyizele uSambulo azinwaye ekhanda.

Sambulo:"Ngiyaxolisa ma, ngicela ukuvalelisa uMlungisi."

Azithulele umamkhulu amoyizele nje kuyamchaza ukubona indodana yakhe ijabule kanje emva kwayo yonke leminyaka ikhusela uGabsile kanti uzivikelela yena. Avalelise ezwe bahleka bobabili kanti basuke la bagqolozelene emehlweni. Makaphuma naye egumbini uGabsile sekagibele nasemotweni ngaphandle kwegceke.

Mlungisi:"Uyangibalekela akafuni ngimubone, usaba ukuxhopheka phela ngiyinsizwa ziphelele buka akushodi lutho la."

Sambulo:"Eyyy kahle my authi unganya uwanyofe."

Bagegetheke baxhawulane bahlukane umamkhulu ubabukile naye baxoxa kamnandi uyabona baxhumene.  Asale ekhuluma yedwa.

Mamkhulu:"Manje ngoba inkosi seyijabule ngalohlobo kuzobalula kubona lowesifazane amuvikela kangaka."

Angene esigodlweni sakhe abuyele emanzini akhe bekawakhulekela ubusuku bonke angakafaki nomuno kuvele isithombe sikaNokubonga. Athuke umamkhulu aze azame kusukuma amanzi achitheke kancane. Abheke futhi ababone beshintshana ngocu injabulo emehlweni endodakazi yakhe.

Mamkhulu:"Nokubonga ngihamba ubsuku obubili wena sonikwe iskhundla sobundlovukazi. Ohhhh mntanami ubunzima obusendleleni yakho kodwa umama uzohlala akhona la angiyi ndawo. Ungokhethiweyo wena."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaBiyela🌼

ULungile benoMduduzi balale bazumeka uNduduzo waze wavuka umaBiyela wamuzwa exoxa nje ingxoxo yezingane alunguze kancane abone ukuthi balele angene ababuke athathe ingane aphume avale umnyango. uBiyela aqhamuke naye makaphuma egumbini labo.

Biyela:"Wenzani egumbini likaMduduzi?"

MaBiyela:"Balele ubuthongo ingane seyivukile abezwa lutho."

Biyela:"Asihambe naye kuya estolo mulungise."

MaBiyela:"Wena awuzwani nezingane manje ufuna sihambe nengane yabantu."

Athathe lesitsha asiphakale esincane uBiyela esandleni somkakhe.

Biyela:"Hamba uyozilungisa nkosikazi ngizamupha ukudla, uthathe nesikhwama sakhe sizomugeza."

MaBiyela:"Cha unenhlanhla uNduduzo"

Asithele ayohlamba umaBiyela.

Amufunze uBiyela elokhu emuxoxisa.

Biyela:"Ahhh mfana mkhulu unguBiyela ngqo akujiki ndawo. Umkhulu uzoyilungisa yonke lento uyakuthanda umkhulu uyezwa. Uze kabi kulomhlaba kodwa mina ngiyakuthanda. Awubheke nje kungani bengingakunakile, amehlo akho nguwe nje buka lezindlebe."

Amukhulumise baze baqede ukudla umaBiyela aqhamuke nesikhwama asivule amlungise abe muhle uzijabulele nje uNduduzo.

Biyela:"Basalele abazali bakhe?"

MaBiyela:"Balele obude ubthongo."

Biyela:"Bebasenkonzweni na?"

MaBiyela:"Yeka izingane baba hawu futhi balaliswe ukukhathala nje akukho abakwenzile."

Baphume nomzukulu wabo bahambe....

UMduduzi aphaphame uLungile asalele duze naye abeke nonyawo olulodwa phezu kwakhe. Ahambise isandla sakhe kuye amusondeze kakhulu, aphaphame uLungile ezwe isandla simubambile naye unyawo lwakhe luphezulu kuMdu . Athuke athi uyaphakama amubambe uMduduzi.

Mdu:"Ungathuki yimina."

Lungi:"Ngithukile ngempela."

Mdu:"Umuhle."

Lungile:"Ngiyabonga kodwa isekuseni nje angikazisuli nobuso."

Mdu:"Kahle wena umuhle unjalo awudingi upende wenu lona."

Akhumbule indodana yakhe uLungile avuke gubhuu abheke celeni kwakhe.

Lungile:"UNduduzo."

Bavuke bobabili bamubheke uMduduzi aphume mabafika ekhishini umawabo ubabhalele ipheshana kuthi bahambe noNduduzo. Adonse umoya uLungile.

Mdu:"Asambe siyolala futhi?"

Lungile:"Awufuni ukudla na?"

Mdu:"Ukudla akume kancane mina ngijabulela ukuba nawe nje."

Ashalazele uLungile amudonse ngesandla uMdu babuyele egumbini lakhe bangene engubeni. Manje sebaphefumulela phezulu bobabili kepha akekho ofuna ukuphuma obala kuthi yini

eyenza aphefumulele phezulu. Agcine sekazidela uMduduzi amubambe okhalweni  amuqinise ngesandla esisodwa bese uyacimeza.

Mdu:"Ngiyakuthanda."

Lungile:"Ngiyabonga."

Amoyizele uMduduzi.

Lungile:"Mdu."

Mdu:"Mmmm."

Lungile:"Ngeke ushintshe umqondo ngami Mdu mzukwana wabuyela la obuhlala khona sobona intombi yakho yakhona."

Mdu:"Wena uyiphethe inhliziyo yami."

Lungile:"Ngiyaxolisa ngeke ngikhone kukunelisa nemizwa ngoba ngiyakuzwa kukhona okwenzekayo kuwe."

Mdu:"Kuwe akwenzeki lutho?"

Lungile:"Kuyenzeka kodwa angifisi."

Mdu:"Ngicela ukuzwa ngeke ngikwenze lutho."

Lungile:"ayibo kahle Mdu hawu kuncono ngiyogeza."

Mdu:"Ngiyakucela ngifuna ukuzwa nje ngesandla kancane."

Lungile:"Kulungile kancane kodwa."

Amuhlasele ngezindebe zomlomo uMdu noLungile amuqabule amukise isandla ephentini kodwa singafiki phakathi amubambe khona phezulu. Adunyelwe ikhanda uMdu aze amubize ngegama.

Mdu:"Ahhhhhhhhh Lungile."

Lungile:"Susake Mduduzi ngiyasaba."

Asisuse ngokushesha bese bayabambana lapho bubuye ubuthongo balale vithi...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Ntombela🌼

Ushunqisa izinto zakhe uzama kuhlanganisa amakhathahkatha azokhipha ngawo uMduduzo indodana yenkosi kulemamba engubabomncane wakhe.

Ulokhu uthuswa ilento ayibonile kuvele kwacaca makafika kwakhe ingane ekaMduduzi ngoba wadlwengula umawayo wabulala noyise wayo. Sekalinde izwi lenkosi uBiyela ukuthi asho kwenziweni ngalempica badala.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU22🌼

Kwamamkhulu🌼

Umamkhulu sekazikhululile ebhandeni uhlezi noMusa bayathunga lezimpahla zabo ezimhlophe.

Mamkhulu:"Nomusa."

Musa:"Ma."

Mamkhulu:"Bekwenzakakani ngenkathi ngingekho angifune manga."

Athuke uNomusa kanti lento kaNokubonga ibilokhu imudla angakhoni nokubheka umamkhulu emehlweni.

Mamkhulu:"Ngilinde impendulo."

Musa:"Konke bekukahle ma."

Abheke phansi.

Mamkhulu:"Kukhona obekwenzeka phakathi kukaMgazi noNokubonga?"

Musa:"Bengisola ma kepha isiqiniseko benginganaso."

Mamkhulu:"Wena yini bekukusolisa?"

Musa:"UNokubonga ufike la edikibele ngoba athi umyeni wakhe uyamushaya manje sekayamushiya nje ukhathele. Unele kusiza uMgazi abelokhu eshintsha kancane emini bebahlala phansi kwalesihlahla bahlanganise ubuhlalo besekabukeka eneme."

Mamkhulu:”Ebsuku bebenzani?”

Musa:”Ulale khona ubusuku obubili kodwa ngiyathembisa akukho okubi akwenzile.”

Mamkhulu:”Wena ukwazi lokhu ngoba ubunabo na?”

Musa:”Cha ma ungitshelile uNokubonga akakwazi ukuqamba amanga kwakudala nje uyamazi nawe.”

Athule umamkhulu acabange manje ufuna kukhipha lemfihlo atshele indodakazi yakhe ukuthi nguyena umawayo izindlela zakhe zizovuleka phela obunye ubunzima buyaye budalwe izono zabantu abadala. Kwayena uyamuthanda uMgazi uyamubona uhluzekile la ekhanda ngeke adlale ngengane yakhe njengoNathi.

Musa:”Ngiyaxolisa ma ngokumuvumela.”

Mamkhulu:”Ungakhathazeki Nomusa angikuthukuthelelanga.”

Egumbini uMlungisi uqeda kugeza kahle kahle akazwisisi ukuthi kungani asaselapha ngoba uzizwa akahle ngokuphelele. Ukhumbule isthandwa sakhe akakhoni nakwenzani athathe ucingo lwakhe ashayele umfowabo omncane. Lukhale angalubambi bese ufonela uNtwenhle loyo ifone ihlala isesandleni.

Ntwenhle:”Bhuti.”

Mlungisi:”Uyafunda nje wena noma ulibala kuchofozana nefone.”

Ntwe:”Ahhhh bhuti wami obabayo mangingaphenduli uthumela izigansonso zakho zilokhu zingilandela manje ngiphendulile ngiyalwiswa futhi.”

Amoyizele uMlungisi.

Mlungisi:”Kuqhuba njani eskoleni?”

Ntwenhle:”Ngikahle bhuti ngiyaqeda ukubhala kusasa ekhaya ngizoza makuphela inyanga.”

Mlungisi:”Uzobe wenzani eskoleni sonke lesikhathi soqedile ukubhala?”

Ntwenhle:”Duhhh amapraticals remember.”

Mlungisi:"Ohhhh uzosebenza kusiphi isibhedlela?"

Ntwenhle:"Ngilikhohliwe legama ngizokutshela it's some vudu name ahhhhhh kodwa ngathi isemavendeni."

Mlungisi:"Mawufika lapho ungazise ukuthi ikuphi ngizothumela umuntu azobheka konke."

Ntwenhle:"I'm old now bhuti can you stop this or just find a girlfriend to keep you busy."

Mlungisi:"Ubhuti wakho mayekunakekela wena umtshela loko ngizokubhaxabula."

Ntwenhle:"Awoa bhuti anyway uzothola nini okuzokuhlekisa vele."

Mlungisi:"Ukhona osothandwa ubhuti ungakhali masengingakunaki."

Umamkhulu ume emnyango akafunanga lokumphazamisa ocingweni, futhi bekangalalelanga abemulindile nje aqede. Adonse indlebe makamuzwa sekakhuluma ngomuntu amthandayo.

Ntwenhle:"Please tell me she's beautiful."

Mlungisi:"Muhle kakhulu ngizokusendela isithombe sakhe."

Ntwenhle:"sithumele manje ungitshele negama lakhe."

Mlungisi:"UNokubonga igama lakhe."

Aluvale bese uyamuthumelela makathi uyanokha umamkhulu lukhale futhi asale sekahamba uzophinde abuye.

Mlungisi:"Sesi."

Ntwenhle:"Ngiyamufanisa nje bhuti."

Asukume la ahlezi khona uMlungisi ahle ashawe luvalo.

Mlungisi:"Ufana nobani?"

Ahleke uNtwenhle.

Ntwenhle:"Ayyy bhuti you are wooped for real washintsha iphimbo ngokushesha nje, ngimufanisa no Mariah wasebhayibhelini cha muhle."

Anikine ikhanda uMlungisi.

Mlungisi:"Wamubonaphi Mariah wena ungayi nasenkonzweni."

Bavalelisane usazicabanga uMlungisi kwenzeke njani kuthi angathathi inombolo kaNokubonga, ngeke akhone yena kungamuboni sonke lesikhathi. Makangazicela kumamkhulu kuzobukeka ngathi uyamudelela. Ashayele uSambulo.

Sambulo:"My authi unjani?"

Mlungisi:"Kuyabheda ndoda."

Sambulo:"Khona okwenzekile kuma lapho?"

Mlungisi:"Cha uma ukahle yimina ongaphilanga."

Sambulo:"Udliwa yini?"

Mlungisi:"Ngikhumbule lentokazi bengikutshela ngayo nguwena ongangisiza ungicingele yona kuthi ihlalaphi."

Sambulo:"Kanti ayikho lapho?"

Mlungisi:"Ihambile."

Sambulo:"Hawu ngizokutholela yena my authi angithandi masunje, ngithumelele isthombe sakhe kanye negama ngizomuletha mina."

Mlungisi:"Sho my authi."

Kunesithombe amuthatha sona ngenkathi bahlezi phansi kwesihlahla uNokubonga makabona wase uyamumoyizelela. Akhethe esihle abhale negama ngaphansi kwaso Nokubonga Buthelezi ndlovukazi yami. Kungene uMusa athi uyabizwa umamkhulu ashiye ucingo lapho aye esigodlweni sikamamkhulu.

Mlungisi:"Ma ungibizile."

Mamkhulu:"Hlala phansi."

Ahlale ecansini amubheke.

Mamkhulu:"Konke sekuyakhanya ngiyakukhulula nkosi usungahamba."

Amangale umlungisi.

Mamkhulu:"Noma awukafuni ukuhamba sekumnandi ukuhlala."

Mlungisi:"Cha ngiyamangala ngoba wathi iseyinde indlela okumele siyihambe."

Mamkhulu:"Ndodana uthando lweqiniso luyanqoba ngisho ukugula , ubukhosi bakho bubhekene nesitha esisaba uthando lweqiniso. Wena ubulaliswe phansi uzokhona kuzohlangana nomsizi wakho ngothando lwenu nizonqoba okuningi. Ngifuna ukukutshela imfihlo yomndeni wakho kepha ngifuna ukubona ukuthi uzokhona ukumelana nayo mangabe uzobabuthaka ngeke ngikutshele ngoba uzolawulwa intukuthelo ugcine sowenza ammaphutha."

Mlungisi:"Ma uma leyomfihlo ngeke ilimaze othandiweyo wami noma ibeke impilo yakhe engozini ungangitshela ngizozibamba kodwa uma kuyimfihlo engalimaza ozoba yindlovukazi ngiyaxolisa ngeke ngikhone kuzilawula ngizolwa."

Amoyizele umamkhulu amubheke ezinhlamvini zamehlo uMlungisi agcine sekashalazela.

Mamkhulu:"Ubabomncane wakho lo ohlezi esihlalweni akazalwa uBiyela akasuye ubhuti kababakho futhi uyakwazi lokho. Yingakho asebenzisa izinto zobuthakathi ekunqobeni lempi kodwa uthando lweqiniso uyalusaba.

Wayefuna umawakho wahlulwa uthando lweqiniso abazali bakho abanalo. Wase uqumba wena phansi ngoba nguwena okumele uthathe ubukhosi makufa wena uzobese uyasizakala. Yingakho abese uhlangahlanganisa izinto empilweni nasemndenini kayihlo. Manje nawe usuyinqobile impi ngokuthola uthando lweqiniso yena akakakwazi lokho."

Mlungisi:"Ma mawuthi makufa mina ubukhosi ngeke kube namuntu ekhaya indodana ikhona engilamayo uMduduzi nje."

Mamkhulu:"Umfowenu akabizelwanga ukuba esihlalweni noma ahole isizwe, vele bengeke kulunge nakancane. Kwayena umfowenu umufake ezintweni eziningi ezibhedayo usithwe ubumnyama."

Mlungisi:"Naye uzomusiza angithi umfowethu?"

Mamkhulu:"Makangeza la noma umulethe wena ngizomusiza ngiyazama ukumcinga kodwa kunzima. Umndeni wakho wonke ngiwubonile ngisho no Anti wakho lo osele le ebukhosini uthi ugadele ubhuti wakhe isihlalo naye ngimubonile, kepha umfowenu angikhoni kumubona kahle kucace ngaye naye kukhulu amufake kona."

Mlungisi:"Udadewethu yena?"

Mamkhulu:"Ngibone inhliziyo yakhe enhle yena abamubhekanga kakhulu bagxile kuwe noMduduzi, umfowenu unamadodana amabili angazi ngawo encane ingenisiwe emagcekeni akini kepha endala isazula nayo leyo ndodana maningayitholi uzoyithola ubabomncane wakho ayisebenzise."

Amangale uMlungisi ukuthi uMduduzi izingane angazi ngazo.

Mamkhulu:"Nkosi yaseMgazini hamba uyolwela izwe lakho."

Mlungisi:"Ma ngiqale ngakuphi ngoba ngathi konakele yonke indawo?"

Mamkhulu:"Landa indodana yomfowenu kuqala umawayo uCleo Mathebula uhlala eKappa akungicaceli kahle lapho. Masobuya nayo kumele usize umfowenu umlungisise amaphutha awenza angekho ezingqondweni zakhe. Emva kwalokho uzobese uyakhona ukubhekana nobabomncane wakho umnqobe."

Mlungisi:"Ngiyakuzwa ma manje indlovukazi yami ngingayithatha nini."

Mamkhulu:"Usuzozikhethela wena ndodana mina angihlangani nezinto zenhliziyo."

Mlungisi:"Uma ngingathi ngifuna ukuhamba naye manje ngoba ungikhulula nje ayonyathela emagcekeni asekhaya kungaba wrong."

Adonse umoya umamkhulu ngoba ufuna uNokubonga ahambe sekalungise konke naye sekazi neqiniso.

Mamkhulu:"Buya uzofaka isandla sakho la."

Aphakame agoqozise bese uyohlala phansi abeke lendishi phakathi babheke bobabili, kubonakale ilanga elikhulu eligqamile, adideke nje uMduduzi.

Mamkhulu:"Kuyakhanya ndodana hamba makuvela ubunzima uzokwazi okumele ukwenze. Uzoyazisa nini indlovukazi yakho kuthi uyahamba namuhla?"

Mlungisi:"Anginazo izinombolo zakhe ma ngiye ngacela uSambulo ayongicingela yena."

Ahleke umamkhulu kuvele amazinyo awuthotho amahle.

Mamkhulu:"Uzomubona kanjani manje uSambulo?"

Mlungisi:"Ngimuthumelele isthombe sakhe negama lakhe."

Mamkhulu:"Hambake uyolungisa uSambulo ngizamtshela akumukise ekhaya uzakusiza futhi ngokusiza umfowenu."

Mlungisi:"Ngiyabonga ma."

Afulathele ayongena egumbini lakhe alungise bese,athatha ucingo lwakhe afuna ukubheka ukuthi akakatholi lutho na uSambulo. Amangale makathola amamissed calls awu55 aze ahleke yedwa amushayele makalubamba.

Mlungisi:"My authi kuyalunga."

Sambulo:"Ngiyeza wena ngifuna kukunyisa."

Avale ifone aqhubeke nokulungisa.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

ISambulo uthe makathola isthombe saNokubonga azange awakholwe amehlo wakhe waze wabuza noGabsile ukuthi ubani lo.

Gabi:"Hayibo nangu umuntu angaboni ingane yakubo, uNoku nje lona."

Sambulo:"Ngiyabona ukuthi nguyena kepha angifuni ukukholwa."

Gabi:"Kuhambani kanti?"

Sambulo:"Umhlaba muncane yazi uyakhumbula ngikuxoxele ngalenkosi bengihamba nayo?"

Gabi:"Ngiyakhumbula."

Sambulo:"Yiyona enike uNokubonga ubuhlalu bayathandana, nayee abengixoxela ukuthi uyazithandela ngentombi yakhe kodwa angazanga abengixoxela ngosisi wami."

Gabi:"Umamkhulu uhlakaniphile ungathola ukuthi kudala abona manje abefuna wena uxhumane nalenkosi kuqala uzokwazi ukudedela usisi wakho bathandane kahle. Inhliziyo yakho ibuhlungu?"

Sambulo:"Angazi ngizizwe kanjani, lomuntu phela udinga umuntu ozokhona ukumelana naye ustrong nje."

Gabi:"Manje uthi uNokubonga ngeke akhone ukumelana naye."

Sambulo:"Usesi wami ulungile nawe uyakwazi lokho."

Gabi:"Usisi kudala ahlukumezeka muyekele azitholele uthando alufunayo."

Sambulo:"Ngizomuvuthuza ngesibhakela kuqala nje ngeke ngimunike udadewethu kanjalo."

Gabi:"Mina ngijabulele ukuthi uzohlala ebukhosini, yazi nami ngangihlala ngiphupha ukuthathwa inkosi ingenze iqueen yayo. Sihlale endlini enezisebenzi."

Ashintshe uSambulo amubone noGabsile amuhleke ngoba abemusukela.

Gabi:"Uneskhwele Sambulo ngento engekho nje."

Sambulo:"Ayikho kanjani isemucabangweni wakho?"

Gabi:"Ngiyadlala hawu bengikucala nje."

Sambulo:"Angidlaliswa ngalokhoke, ngindlulisele lokhiye lapho ngilande lomuntu ayozibonela uNokubonga uhlalaphi."

Gabi:"Sthandwa sami."

Sambulo:"Letha please."

Asithathe uGabsile asifake ephentini amubhekile simubandise aze akhale kancane, amoyizele uSambulo.

Sambulo:"Wenzani usifakelani lapho?"

Gabi:"Buya uzosithatha."

Asondele uGabsile ahlehle aze angene egumbini labo amulandele amubambe esinye isandla asiyise ephentini akhiphe isikhiyo.

Sambulo:"Gabi kumele ngihambe buka ungenzeni manje."

Gabi:"Hamba mawubuya uzongifica ngikulindile."

Baqabulane ahluleke ukumyeka uSambulo amehlise iphenti khona lapho.

Sambulo:"Shit Gabi awusezwa manje."

Gabi:"Ngifundiswe ubani."

Amuhlanganise nekasi lezimpahla…………

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaBiyela🌼

Esitolo umaBiyela wayebuka into angakaze ayibone kumyeni wakhe ukuthi ikhona, uthando lwezingane. Uhambe wayomuthengela amathoyisi kukhona ibhayisikili, sthuthuthu,istulo. Akashongo lutho umaBiyela kodwa ube nokusaba ukuthi masekavela uyise walengane ayifuna kuzokwenzakalani.

Uze wacabanga ukuthi uMlungisi akasheshe nalentokazi ayithandile bazokwenzela ubabawabo umzukulu. Uthe esazicabanga nje kukhale ucingo lwakhe nguyena uMlungisi.

MaBiyela:"Ndodana."

Mlungisi:"Ma kunento engifuna kuyicela."

MaBiyela:"Ngilalele noma ungasabuzi nempilo nje."

Mlungisi:"Ngiyaxolisa ma iskhathi ngiyakalelwa sokukhuluma ocingweni."

MaaBiyela:"Akunankinga ngane yami khuluma."

Mlungisi:"Kunezisebenzi zami ezizayo namuhla ebsuku noma kusasa ngicela ubalungisele ngale endlini yami, ngiyakucela salukazi sami."

MaBiyela:"Mfanami awufaki muntu endlini yakho laba babaluleke ngani?"

Mlungisi:"Ngizokuchazela kahle uma sobabonile."

MaBiyela:"Kulungile mfanami ngizothumela uLungile ayolungisa."

Mlungisi:"Mama ashintshe nezinto zombhede ngifuna kubefresh."

MaBiyela:"Hayike Mlungisi angifune bantu abazolalana lapha endlini yakho ngingabazi."

Ahleke uMlungisi.

Mlungisi:"Mama ngiyakucela."

Bavalelisane umaBiyela ashayele uLungile alubambe.

Lungile:"Ma."

MaBiyela:"Mntanami ngicela uyongilungisela ngake endlini kabhuti wenu."

Lungile:"Ikuphi ma?"

MaBiyela:"Le engumakhelwane wethu kunesango elincane ngale emuva ngasetoilet, uzakukhomba uMduduzi. Ngiyazi uzele indodana yakho sesi sengiyakusebenzisa."

Lungile:"Anginayo inkinga ma."

Bavalelisane uLungile beno Mduduzi bebezihlelele nje bencokola ujabulile uLungile kakhulu futhi kanti uMduduzi ujabule ukudlulela. Amutshele ukuthi umawakhe uthini.

Mdu:"Ngizokukhombisa asambe."

Lungile:"Ukahle yini."

Mdu:"Kumele ngibuyele kudokotela lento ayifaka la emehlweni iyangihlula kanti nokuyikhipha kuyasabisa."

Lungile:"Ngingakusiza ukuyikhipha phela ubabami wayefaka yona naye."

Makakhuluma ngobabakhe amubone uMduduzi ukuthi uba nosizi.

Mdu:"Uphi ubaba yena?'

Lungike:"Ubabami washona Mdu kabuhlungu futhi wabulawa."

Mdu:"Watholakala kodwa umuntu owamubulala?"

Lungile:"Azange wabulawa umuntu owangidlwengula, cabanga Mdu lomuntu wayengidlwengula phambi kwabazali bami ubaba wazama kungilamulela wamdubula ngathi ubulala impukane. Wamudubula asengaphakathi kimi. Soze ngamuxolela la akhona noma kungathiwa uxolo lwakhe luphethe izikhiyo zamazulu ngeke ngimuxolele ngiyamuzonda la akhona."

Akhulume kubaleke igazi kuMduduzi uLungile uyathetha ngapha uyakhala asondele ngokushesha amubambe bahlale phansi amuphulule emhlane.

Mdu:"Mawungambona yini ongafisa yenzeke, le ezokwenza ukuthi ube nokuthula ngaphakathi kuwe."

Lungile:"Ngifuna afe kabuhlungu umphefumulo wakhe uphume kancane kancane."

Amubambe amuqinise uMduduzi kwayena azizwe avukwa inzondo azonde umuntu angamazi.

Mdu:"Ngizomubulala mina ngiyathembisa."

Babambane lapho akhale makasadelile sekehlise nomoya.

Lungile:"Asambe siye kabhuti."

Asukume uMduduzi amunike isandla bavale kokwabo baye kwaMlungisi nakhona babaze ubuhle benze okumele bakwenze . UMduduzi uzizwa akhumbula ubhuti wakhe kakhulu uyazi yena angakwazi ukucinga lomuntu owadlwengula uLungile amuthole. Akhiphe ucingo amushayele.

Mlungisi:"Mfo bowenzani ungaphenduli ucingo ekuseni na."

Mdu:"Bengilele obunye ubuthongo."

Mlungisi:"Fedeee?"

Mdu:"Ubuya nini mfo?"

Mlungisi:"Maduzane nje, kungani ubuza?"

Mdu:"Ngiyakudinga kunezinto engingazazi ngami."

Mlungisi:"Ngiyeza ntwana, isikhiyo salapho ngicela ningayi naso endlini labantu bazofika ebsuku angifuni baphazamise umama."

Mdu:"Ngizosibeka phansi kwemadi yasemnyango."

Mlungisi:"Ubhuti uzokubona maduzane nje ungesabi."

Mdu:"Sho bhuti."

Bavalelisane…

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Mabaqeda uSambulo noGabi bazilungise uGabsile athi uyasala futhi amuqabule aphumeke sekamufonele kaningana manje ulibangise kwamawakhe. Makafika nje nangu ume nomawakhe egcekeni  babhekane emehlweni amoyizele yedwa yilento afuna kumenza yona.

Mabamubona bamoyizele bobabili aqonde kuye noMlungisi asheshe ukumbona kuthi ngathi uze ngempi. Amushaye ngesibhakela uMlungisi amubambe lesandla singakafiki kuye beme bagqolozelane.

Mamkhulu:"Sambulo kwenzenjani hhayi la kwami."

Mlungisi:"My authi yini manje?"

Sambulo:"Ulokhu uthi isthandwa sakho ukhuluma ngengane kama."

Mlungisi:"Uyanya kanti."

Sambulo:"Yimi onyayo?"

Mlungisi:"Uzowadla  futhi."

Mamkhulu:"Sambulo yekela uMlungisi uyahamba namuhla."

Sambulo:"Ngeke uphume ngalegceke ngingakakubeki isbhakela."

Mlungisi:"Mfana mina ngikhule ngidla iphalishi ngilusa angikhulanga ngoshizi njengawe ngizokugcoba ngikugcobe ufane nobhuqu manje."

Sambulo:"Ulindeni."

Basunduzane lapho nezinye izigulane zibukele nabasizi umamkhulu achazeke uSambulo uzitholele ubhuti ozoba umngani wakhe. Abathe uyabakhuza baginqane lapho ahleke ngoba uMlungisi akazi ukuthi uhlobene noNokubonga ukube uyazi abengeke enze wonke lomsangano awenzayo.

Mamkhulu:"Nomusa letha amanzi."

Awalethe aye kubo afike abathele bahlukane sebancolisene babhuquzekile bayahleka mababhekana nje bayahleka.

Mamkhulu:"Mlungisi hamba kwami usuphilile manje. Wena Sambulo ungaphinde ulibeke la uzoza kuphela mawungilethela umzukulu wami. Kumele uhambise uMlungisi aye kubo."

Sambulo:"Sheshake my authi ngiyathemba awunaye usesi omncane ngoba ngizomugadla ngenze lento oyenzile."

Mlungisi:"Mfanami ungake ulinge lapho ngingakubulaala nya."

Angene egumbini lakhe azisule ashintshe aphume nesikhwama avalelise bonke bamuvalelise besebamujwayele futhi. Nala endleleni basamangalelana manje khani abubona lobuhlalu kuye.

Sambulo:"Ndoda uyanya yazi kanjalo nje, nabu nobuhlalu bezangoma."

Ahleke uMlungisi.

Mlungisi:"Yazi mangiqala ukukubona ngabubona ubuso bendlovukazi yami kuwe ngaphinde ngazikhuza kwazi bani hleze besengiguliswa uthando ngihamba ngimubona yonke indawo."

Sambulo:"Ngikufisela inhlanhla Mlungisi udadewethu unobuntu."

Mlungisi:"Sozenza serious la ujabule kabi."

Bahleke

Sambulo:"Manje siyaphi?"

Mlungisi:"Ndoda ngeke ngikhone kuhamba ngingambonanga, futhi ngifuna kumucela kuhamba naye ngizomuletha ndoda ungangibuki kanjalo."

Sambulo:"Nawu umhlolo Mlu ngakuxoxela isimo sasekhaya angithi, angeke ngingene ngizokushiya ngaphandle ulapho manje."

Mlungisi:"Ngeke balwe ngizingenela."

Sambulo:"Bazokubuka bakusabe wena angithi uthwele ithi ngimufonele kodwa aphume, manje mina kumele ngibukelana nani nijabulelana?"

Mlungisi:"Ngizokuhlonipha."

Makakhipha ifone yakhe icimile ayinamlilo  adonse umoya imoto ibe ima amukhombise.

Sambulo:"Ilapha hamba ufike umcele kahle nizongithola la usheshe mawufuna ngikuphelezele."

Aphume uMlungisi makafika esangweni achofoze ikinobho kubekhona owesifazane ophendulayo.

"Hellow."

Mlungisi:"Ahmm hellow ma uMgazi lona bengicela uNokubonga."

Kuthuleke kancane kuvuleke isango nomnyango uvuleke  kuphume uButhelezi azibonele ukuthi uyise wakhe angangeni eme khona ngaphandle. Uyacabanga ukuthi uzathi ufunani kuNokubonga.

Buthelezi:"Mfana ngingakusiza ngani."

Mlungisi:"Bengicela uNokubonga baba."

Buthelezi:"Ufunani kuNokubonga?"

Mlungisi:"Ahm uNokubonga kunephasela okumele alilande kwami. Ngingumakhelwane wakhe manje wafaka i oda lezitsha kunkosikazi yami, ngithunywe yiyona nje."

Buthelezi:"Akazizelanga ngani yena?"

Mlungisi:"Ikhulelwe inkosikazi yami uyazi uNokubonga mina ngifuna kumnikeza umlayezo nje bese ngiyahamba."

Buthelezi:"Ngathi ngiyakwazi wena mfana."

Mlungisi:"Kungenzeka ubungibona mawuze kandodakazi yakho."

Amufulathele uButhelezi adonse umoya uMlungisi uyakhumbula ukuthi umufica esangweni eme nomamkhulu ngenkathi uSambulo amuletha.

Buthelezi:"Ngena phela ndodana wema ngaphandle ngathi uzoganga."

Angene bayophelela endlini ahlale phansi amuzwe makamubiza ubabakhe ezwe kukhala nomyango uvalo lumukhe angakamuboni aqhamuke noZodwa umawabo. UZodwa ahlahle amehlo azondlula celeni kwaMlungisi masekuvela uNokubonga athuke uNokubonga amoyizele aphinde aswace.

UZodwa ahlale phansi aphambanise imilenze kuvele amathanga yeka. Abuke lensizwa ephelele inuka namandla. UButhelezi makabona isimo senkosikazi yakhe athukuthele. UMlungisi noNokubonga babhekene emehlweni ababoni lutho okunye akawakholwa amehlo akhe uNokubonga isthandwa sakhe simile emagcekeni akubo. Manje sibonakala sisabeka futhi.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: NONJABS HADEBE🌼

ISIQEPHU23🌼

KwaButhelezi🌼

Zibhekane izithandani kanjalo kuze kungene uBonga abingelele amehlo akhe ahlale kuMlungisi abenamahloni uMlungisi ingqondo ibuye adonse iskhohlela esingekho.

Mlungisi:"Yebo sawubona my authi."

Afunde kwezakhe ukuthi ubani lo ngoba uSambulo bekasamuxoxele ngomndeni wakhe ngisho nesimo sikaGabsile.

Bonga:"Senzenike manje sahlaselwa abantu bomthetho, mama awuhlale kahle zikhiphani manje?"

Zodwa:"Uthi uqhamukaphi mnumzane?"

Buthelezi:"Nokubonga phuma nalesthunywa sakho niyokhulumela phandle, Bonga ngimukisele imoto kuthi iyogezwa."

Zodwa:"Manje?"

UMlungisi abe aphuma akabonanga nokuthi wenzani uZodwa ngoba abezibhekele indlovukazi yakhe, mabafika ngaphandle.

Mlu/Noku:"Ngikukhumbulile."

Babhekane bamoyizelelane uMlungisi ushawa uvalo ngalento afuna kuyicela.

Nokubonga:"Mgazi ungithole njani?"

Mlungisi:"Ngize noSambulo ungilindile ngale komgwaqo."

Nokubonga:"Ohk awubukeki kahle."

Mlungisi:"Ndlovukazi yami sengipholile ngikahle uma ungidedele namuhla, ngicela ukuhamba nawe."

Nokubonga athuke.

Nokubonga:"Ngeke kukhoneke Mgazi kusasa kunomhlangano womndeni, abakhabo Nathi bayeza."

Mlungisi:"Ingabe kusho ukuthi uzobuyela kuye?"

Nokubonga:"Angeke sthandwa sami futhi ngaya kubo ngiphelezelwa ubaba noBonga ngiyobazisa ukuthi siyahlukana."

Mlungisi:"Pho bazokwenzani?"

Nokubonga:"Kuza anti wakhe uthi ufuna ukuzizwela angithi savumelana ukuthi sizolungisa izinkinga zethu kuqala sizokwazi ukuqala kungekho okusilandelayo."

Mlungisi:"Akukho okuzosilandela makukhona ngizokubulala mina, kulungileke ndlovukazi ngijabulela ukukubona sengiyahamba ngiya kwelakithi."

Limuhlabe lelo uNokubonga noma bekamukhumbulile kodwa bekuncono abeseduzane manje uya kude akazi noma unentombi ayishiya mhlawumbe.

Nokubonga:"Usuzohamba kahle Mgazi ngiyakuthanda."

Mlungisi:"Usho ukuthi sengingahamba ngonakele nginje sthandwa sami, ngicela ungiqamelise ngiyacela."

Nokubonga:"Ukucamelani Mgazi?"

Amoyizele uMlungisi afake izandla emaphokothweni alume umlomo wangaphansi adonse umoya.

Mlungisi:"Asambe ndlovukazi shiya lesalukazi  uzobuye ubabone ngiyakucela ngingaguqa nokuguqa ngiyakucela."

Nokubonga:"Guqake."

Aguqe uMlungisi azame ukumsukumisa uNokubonga.

Noku:"Ubaba uzovela bengidlala sukuma."

USambulo ngale emgwaqeni ucabanga uGabsile ukuthi uzomufonela angamutholi bese uphatheka kabi aphume emotweni azolunguza phambili ngakubo. Azithele kuMlungisi aguqile anikine ikhanda kodwa adonswe ukuthakasa okubonakala abusweni bukaNokubonga naye azizwe athamba enhliziyweni.

Nokubonga:"Phakama sizohambake siyoqamela sukuma umnyango wegaraji uzovuleka."

Mlungisi:"Ngiya ngale kuSambulo uhamba ngemoto ebomvu ngizokulinda lapho, ngicela usheshe angisakhoni."

Asuke ngejubane uNokubonga uMlungisi naye azilungise abuyele emotweni afice uSambulo akhala izinyembezi.

Mlungisi:"Udliwa yini manje?"

Sambulo:"Ngixhoshwa u anyanisi ondlule nomunye ugogo la 🤣🤣🤣🤣"

Agegetheke uSambulo.

Mlungisi:"Kanti usinekiswa yini ndoda?"

Sambulo:"Ngizokutshela ngenye imini, awungitshele ndoda mawuya esontweni uyaguqa makukhulekwa?"

Adideke uMlungisi ukuthi ubuzelwani lokhu.

Mlungisi:”Angiyi kwakuya esontweni.”

Ahleke kakhulu uSambulo adumise imoto azame kuyisusa.

Mlungisi:”Iyeza indlovukazi mana.”

Endlini uNokubonga ungene endlini wafica abazali bakhe baphikisana bexabana angabuzi nokubuza ukuthi kubangwani. Apake izimpahlana ezincane zamalanga amabili esikhwameni, athathe namaphenti ayewathenga ethi ufuna kujabulisa umyeni wakhe angazingeni nje. Awapake ujabule ngathi uyingane nje akazi nokuthi kuyiwaphi. Aphume basagqolozele emehlweni uBonga kudala aphumile makaphuma ezwe ubabakhe.

Buthelezi:”Uyabona namuhla ngiyazisola ngekakwenza uNelisiwe ngiyazisola ngawowonke lomkhuba owangifaka kuwo. Ngikunika konke kodwa awuneliseki uxegelwa idilozi.”

Ahleke umawakhe sakubhuqa.

Zodwa:”Ucababga ukuthi uzokwamukela loyo ngcwelengcwele khohlwa wena yamukela ukuthi uzofa njengenja.”

Makafika emotweni abingelele afice ubhuti wakhe abomvu ukuhleka kukhale ucingo lwakhe aluphendule angakabuzi.

Nokubonga:”Gabi.”

Gabsi:”Sisi uSambulo unawe ngiyaxolisa kungabingeleli ngimuzwe athi uza kuwe?”

Nokubonga:”Ukhona sisi kwenzenjani.”

Gabi:"Ifone yakhe ayingeni ngicela umunike ifone."

Ayindlulisele kuSambulo abeke endlebeni naye.

Gabi:"Sambulo ngifonelwe uThabile uthi usesibhedlela mangabe ayikho inkinga ngicela ukuhamba ngikhathazekile ngaye.."

Sambulo:"Gabi uzobakahle uThabile unoKabelo futhi kube bekuyinto eserious abezongitshela uKabelo."

Gabi:"Ngifuna ukuba naye Sambulo ngiyakucela."

Sambulo:"Ngiyeza sizokhuluma."

Aluvale alubuyisele kuNokubonga

Sambulo:"My authi uzokhona ukuhamba wedwa?"

Mlungisi:"Ngizokwazi my authi."

Sambulo:"Ngizofonela uThemba anibeke."

Mlungisi:"Cha ungamuhluphi ngigaye letransi yakho abafana bami bazoyiletha."

Sambulo:"Sho my authi hade ngalokhu."

Mlungisi:"Akunajaive bro maselikubizile iph......"

Azibambe uMlungisi asabe uNokubonga omangele ukuthi labantu bajwayelene nini kangaka. Ahleke uSambulo aziculele asuse imoto.

Sambulo:"Sishay'guqa we gogo guqa wemagogo guqa ngamadolo, umzekezeke wayaphi vele."

Nokubonga:"Nazana kusuka nini?"

Mlungisi:"Awufisi nokwazi kodwa ubhuti wakho uyahlanya yazi ungishaye ngesibhakela makathola ukuthi ngithandana nawe."

Nokubonga:"Hawu Sambulo."

Sambulo:"Asifikanga nalesi sibhakela hawu."

Afike eflethini lakhe.

Mlungisi:"Asisangeni my authi ngizokwazisa mabaletha imoto."

Sambulo:"Ngiyabonga bro uphathe ingane kama kahle."

Bashayisane ngezinqindi ayihlehlise uMlungisi abheke isthandwa sakhe, akhiphe ifone yakhe afonele umawakhe ahlole ukuthi kulungisiwe endlini yakhe na.

MaBiyela:"Ngiyamuthemba uLungile ulungisile."

Mlungisi:"ULungile kungani asekhaya kanti?"

MaBiyela:"Mfanami kumatasa esitolo ngizobuye ngikuxoxele umama uyakuthanda uyezwa."

Aluvale angakaphenduli amise imoto eceleni.

Mlungisi:"Buya uzohlala la phambili."

Ehlike abuye ngaphambili makavala umnyango aphendukele kuMlungisi baqabulane baze bancishane nokuphefumula.

Mlungisi:"Ngiyakuthanda."

Nokubonga:"Ngiyathemba awusiso isigebengu nakhu sengizonqamula amazwe nawe."

Mlungisi:"Ngithembe ukhululeke."

Amubambe ngesandla ashayele ngesisodwa ayishayise amabombo sekawabhekise kwelakubo…

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Umama kaThemba uqeda kukhuluma no anti wezingane zakhe ocingweni amazisa ngokwenzekayo empilweni kaLungile. Azibuze ukuthi indodakazi yakhe iphethwe yini isingaze iyohlala emzini. Amushayele ucingo ngaleso sikhathi

Lungile:"Ma."

MamBaloyi:"Lungile usuyabhebhana wena manje uze uhambe nomzukulu wami kanti uyele lokho lapho. Kuncono ubuye ekhayake."

Lungile:"Ngiyaxolisa ma ngisuke ngamangazwa isenzo sikaNduduzo."

MamBaloyi:"Ewakabani lowo mfana?"

Lungile:"WakwaBiyela mama ungumuntu okahle."

MamBaloyi:"Awumusabi yena na?"

Lungile:"Cha mama angimusabi futhi ngamutshela ngokwangivelela akakaze angikhulumele izinto zaocansi."

MamBaloyi:"Umzukulu wami ngeke ahlale nomuntu engingamazi ngifuna ukumbona,ngiyeza lapho ngizokwazisa nini kodwa ngizofikela kwa anti wakho."

Lungile:"Ngiyakuzwa ma."

MamBaloyi:"Lungile mawulala ugqoke ibhlumasi uliqinise uze ulifase ngesipelede ungalali nalowoBiyela siyezwana."

Ahleke uLungile kuze kuhleke nomawakhe.

Lungile:"Mama nawe kodwa khululeka ma."

Bavalelisane asale adonse umoya umamBaloyi ujabulile kuthi ingane yakhe uyizwe ihleka uyikhumbulile futhi. Azitshele ukuthi uzohamba makuphela inyanga ayomubona.

USambulo ufice uGabsile sekamulindelle balayisha imithwalo kwenye imoto bahamba sebalibangise eKappa.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KwaBiyela🌼

ULungile sekaphekile sekuhlwile konke lokhu abekwenza uMduduzi elokhu emulandela ekhishini bexoxa bedlala.

Lungile:"Awunabo abangani?"

Mdu:"Nginabo kodwa manje ngizihlelele nesithandwa sami esingafuni ukungitshela ukuthi siyangithanda."

Lungile:"Hawu Mdu kahle ngehaba."

Mdu:"Ihaba lani ngiqinsile."

Lungile:"Ngizokutshela masengikuthanda."

Mdu:"Manje awukangithandi?"

Lungile:"Cha."

Mdu:"Unamanga."

Lungile:"Asazike."

Asondele kuye uMduduzi acishe istofu uLungile amuhage uMduduzi eside isikhathi bese umubheka emehlweni.

Mdu:"Ngiyakuthanda Lungi uyezwa."

Lungile:"Nami ngiyakuthanda Mdu."

Inhliziyo kaMduduzi ijabule ithakase nje yebo uke wamuzwa atshele umawakhe kodwa manje kuhluke kakhulu ngoba amutshela amubheke emehlweni. Amucabuze noLungile azisondeze kuye abeke izandla entanyeni. Bacabuzane kuze kudlulele bobabili badedele imizwa izenzele ngabo, ahambise isandla emabeleni akhe abuye asisuse amuphulule umhlane sehle njalo isandla siyongena ngaphansi kwelokwe.

Mdu:"Ngiyakuthanda."

Lungile:"Nami ngiyakuthanda Biyela."

Badumelane ngamawala manje omunye ulwa nezimpahla zanomunye kuthi zikhumuke emzimbeni, baphushane baze banamathiselane obondeni. ULungile akukho afuna kukucabanga manje ufuna ukuzwa ukuba nomuntu ngoba efuna kunjani, namanje uyalangazelela. Mabalokhu beqabulana uzizwa sekaquma kuziphumela emlonyeni engazimiselanga. Amuyeke uMdu amubheke ebusweni.

Mdu:"Unesiqiniseko?"

Lungile:"Angazi kahle."

Mdu:"Asikwazi ukwenzake sthandwa sami mina ngifuna ukubanawe ungilangazelela uyezwa."

Baphinde baqabulane futhi manje uMduduzi amudlalise phambili abone ukuthi ulalele akabi nenkinga angasasikhiphi isandla alokhu emubambile beqabulana. ULungile uze uzizwa aba nesiyezi ngenxa yalokhu akuzwayo.

Kudonseke abobhonzi amuqabule kakhulu uMduduzi amudlalise kakhulu futhi asheshe noma sekachama uLungile angamuyeki aqhubeke njalo. uLungile ezwe into angayazi angakhoni nokuyivimba futhi kube ngathi uyaqhaqhazela kusukela phakathi esiswini.

Akazi kwenzekani kodwa uyakujabulela konke lokhu aze aphume nezinyembezi. Kuvuleke umnyango babambeke uLungile abheke phansi azivale amabele acashe ngoMduduzi. UMduduzi ufulathele umnyango naye angasuki phela makasuka uzobonakala uLungile.

Biyela:"Hawu madoda."

Avale umnyango umntomdala noma angabonanga lutho kodwa kumcacele ukuthi bekwenziwani ajike sekanikina ikhanda aphindele emotweni. Amumangalele umaBiyela.

MaBiyela:”Baba wehla nezimpahla waphinde wabuya nazo ucabangani?”

Biyela:”Lutho ndlovukazi.”

Endlini kuthe kungavaleka umnyango bacosha izimpahla zabo bayongena egumbini labo.

Lungile:”Mduduzi kodwa.”

Mdu:”Ungakhathazeki ubaba mdala ngeke asho lutho.”

Lungile:”Ngaze nganamahloni namuhla ngeke ngiphume la.”

Mdu:”Ngizoyoxolisa kuye ungakhathazeki, angithi nawe usuke wangitshela ukuthi uyangithanda ngahlanya.”

Lungile:”Mmm.”

Mdu:”Kukhona okuzwile?”

Lungile:”Angiyazi lento engiyizwile kodwa ngiyijabulele.”

Mdu:”Asambe siyogezake.”

Lungile:”Bazosibamba futhi ngiyabonga ngizogeza ngedwa.”

Amusukumise ayomufaka ebhavini ngenkani elokhu aphuma amubuyisele ngenkani avulele amanzi bageze. Bangene endlini abazali kunye noNduduzo.

MaBiyela:”Kwaze kwanuka kamnandi uphekile uLungile.”

Athule uBiyela.

MaBiyela:”UMduduzi mangabe uyamuthanda uLungile ngempela komele asheshe nje angeke ngihlale nengane yabantu mahhala mina.”

Athule futhi uBiyela.

MaBiyela:”Baba kwenzenjani..”

Biyela:”Kumele sikhulume noMduduzi nkosikazi acacise ukuthi wenzani ngalengane.”

MaBiyela:”Ingabe kukhona okwenzekile baba?”

Biyela:”Ndlovukazi ngivule umnyango bela becabuzana angazi noma bebematasa kodwa hhayi.”

MaBiyela:”Bebalele yini?”

Biyela:”Njengoba ngishilo angazi nkosikazi ngibone uMduduzi nje egqokile ibhulukwe kodwa ahambaze emzimbeni. Umama kaNduduzo angimubonanga nhlobo nje ngoba bekamusithile.”

MaBiyela:”Hayi hhayi endlini yami ngisayobalanda.”

Biyela:”Yeka abantwana nkosikazi kumele sikhulume nalo wethu.”

UNduduzo asondele kuBiyela.

Biyela:”Kukhona okumele ngikutshele kona futhi mayelana noNduduzo into eyabonwa uNtombela akusizi ukufihla.”

MaBiyela:”Yini leyo baba?”

Biyela:”UNduduzo wakwaBiyela nkosikazi uyise wakhe nguye uMduduzi ngizwa ngiyasaba mkami kubanda amathumbu.”

MaBiyela:”Uthini baba manje, uLungile wakhuleliswa umdlwenguli wakhe owabulala ubaba wakhe futhi.”

Asukume uBiyela abambe inkosikazi yakhe ngesandla bathathe uNduduzo baphume ngomnyango baye ngaphandle phakathi negceke.

Biyela:”UNtombela uthi indodana yethu beyithwele imamba angumholi khona ngoba bekafuna abalandele amandla athile kwenye yamantombazane. Lemamba ibihlala imuvusa imizwa kuthi enze okubi.”

MaBiyela:”Ngiyakhumbula uNtombela athi lengane ilunga phambi kwethu kepha ngaphandle ingomunye umuntu.”

Biyela:”Yebo salukazi sami uMduduzi indodana yethu esiyithanda ukufa yadlwengula uLungile.”

MaBiyela:”Ohhhhhh shwele baba.”

Akhale umaBiyela.

Biyela:”Yabulala noyise kaLungile nkosikazi yami sizalelwe yinja endlini manje nazi lezingane ziyathandana uMduduzi akakhumbuli lutho lutho kufana nokuthi bekenziwa isithunzela.”

MaBiyela:”Ngamanye amagama uNduduzo abezwa uyise futhi nami bengimane ngishalazela lengane inguBiyela ivuka.”

Biyela:”Ngenkathi uyigeza awunakanga bona.”

Agobe amuvulele ibala esiswini athuke okokugcina umaBiyela aziphose ezingalweni zomyeni wakhe asidinde isililo. Beme kanjalo behagene ngaphandle sekuqala ukuba munyama futhi.

Endleleni 🌼

Mlungisi:”Sesifikile.”

Nokubonga:”Ngase ngiqala nokuthuka.”

Mlungisi:”Uthuswa yini?”

Nokubonga:”Mawucabanga bazongithanda mabangibona abazali bakho?”

Mlungisi:”Ubaba wakubona kushoda umama kodwa ngiyazi uzokuthanda.”

Nokubonga:”Mina kumele ngenzenjani?”

Mlungisi:”Iba nguwe sthandwa sami kodwa namuhla ngeke ubabone bazokubona kusasa abazi nokuthi ngikhululiwe.”

Nokubonga:”Sizofikelaphi kanti?”

Mlungisi:”Ngifuna kuqamela kuqala namuhla ungowami ubusuku bonke.”

Ashalazele uNokubonga abheke ngaphandle efasteleni naye imiphethe imizwa kodwa abeyiziba ikakhulukazi makabona naye uMgazi ukuthi kubi nakuye.

Nokubonga:”Kanti ubukhuluma ngalokho mawuthi ukuqamela usungaze ungihambise indawo ende kangaka besingabhukha ihhotela nje."

Mlungisi:"NginguBiyela mina ndlovukazi angidli ukudla kwami esigangeni ngifuna ukudla ngizigedlile emzini wethu la engibiyele khona uyangizwa moso, ikakhulukazi mangiqala kuqamela indlovukazi yami."

Achazeke uNokubonga ashalazele beme kwilobothi libavalele athathe isandla sikaNokubonga asibeke kuye phambili athuke uNokubonga kepha angasisusi amubambe aphinde ayeke.

Mlungisi:"Unyaka wonke sthandwa sami ngilele phansi ngingaqameli."

Angasaphenduli uNokubonga ayisuse futhi manje seyihamba ngesivinini ehlise ijubane makazojikela ngakubo. Amangale makabona abazali bakhe begonene ngaphandle aze amoyizele kunengane encane iyazidlalela phansi.

Mlungisi:"Naku ekhaya abazali bami laba abajolayo la."

Ababheke uNokubonga achazeke noma angababoni kahle ebusweni.

Nokubonga:"Manje awubabingeleli."

Mlungisi:"Njengoba ngishilo ntokazi ngilambile, nobuhle bakho abenzi kahle yerrrrr."

Angenise imoto uMlungisi babheke abazali bakhe ezwe sekukhala ucingo lwakhe ubabakhe.

Biyela:"Ndodana labantu bakho sebafikile nayi imoto  ingena ."

Mlu:"Ningabaphazamisi baba nizobabona kusasa."

Biyela:"Wena kuqhuba kahle lapho kuwe?"

Mlu:"Babami manje ngimatasa singakhuluma kusasa."

Biyela:"Kukungile ndodana."

UNokubonga sekaphethwe uvalo makamubheka uMgazi ngendlela asamujahe ngayo amuchifele iso uMlungisi afake imoto egaraji kahle baphume nezikhwama. Abheke kubo kuqala abone abasekho bomawakhe ngaphandle ayothatha isikhiyo avule bangene.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU24🌼

KWABIYELA🌼

Mabaqeda ukuthulisana abazali umaBiyela aphakamise umzukulu wakhe bayongena endlini uMduduzi aphume egumbini azohlala nabazali bakhe ashalazele angakhoni kubheka uyise nomawakhe enze ngathi akazi lutho.

Makabuka indodana yakhe yebo akayithandi lento ayenza kuLungile kodwa manje udabukela indodana yakhe. Uke wabulala umuntu ayethandana naye amufice enomuntu wadabuka kabi, ubhuti wakhe waligubezela icala lakhe ngendlela yokuthi athi unokuphazamiseka engqondweni. Namanje abethandana nentombazane abathi uGabsile naye abemuthanda yize angakaze ayibone ngamehlo kodwa bekayizwa ocingweni ukuthi iyazihlonipha lentombazane. Makamubheka manje uyakholwa ukuthi uthole umaqondana wakhe uMduduzi ngoba ave eshintshile  lezinsukwana nje ela.

Mdu:"Baba ngiyaxolisa."

MaBiyela:"Hayibo uxolisani sifika nje ngiyabona umama kaNduduzo sekaphekile mubize azosiphakela ngiyasaba ukuvula amabhodo akhe mina."

Angazi athini uMduduzi asukume kancane ubabakhe amoyizele abheke le.

Biyela:"Umuphazamiselani umntwana afuna kuxolisa nkosikazi lento izolokhu imudla."

MaBiyela:"Hayisuka baba unalo igumbi lakhe nje lomkhuba awuphelele khona."

Ngale egumbini uLungile usaba ukuvela.

Mdu:"Mamakhe asambe umama uzobona ngathi uyameyisa."

Lungile:"Ngizombhekelwa ubani ubaba kodwa."

Mdu:"Ungamubheki buya."

Asukume alandele isithandwa sakhe mabavelela ekhishini akhophozele akazi nokuthi bahleleleni khona ngoba bahlala egumbini lokuphola babukele umabonakude. Angene.

Lungile:"Sanibonani ma no baba."

Biyela:"Unjani ndodakazi?"

Lungile:"Ngiyaphila baba."

MaBiyela:"Namuhla bezingibuyela esitolo ungekho mntanami awazi."

Lungile:"Ngiyaxolisa ma kusasa ngizohamba nawe."

MaBiyela:"Ungakhathazeki mntanami angibalisi ngiyakuxoxela nje wena kunezinto okumele uzenze la endlini. Buka manje ungisizile ngabuya sophekile. Nawe kumele uphumule wakumora uNduduzo."

Aqhubeke aphake uLungile bahlale phansi.

MaBiyela:"Hawu okwakho ukudla akukho lana nje."

Lungile:"Ngizobuye ngidle mina mama ngiyogeza uNduduzo manje makalala angagezanga uyahlupha."

UBiyela azidlele ngathi akukho nje okwenzekile asithele ngale noNduduzo, nakwindodana yakhe angakhulumi ngakubonile kube uMduduzi nje odliwa isazela.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMgazini🌼

Imamba eyinkosi ihlezi esihlalweni sayo uyazicabanga ukuthi angayithola njani indodana kamfowabo abuyisele lemamba kuye. Kuningi phela bekuzenzakalela ngendlela yakhe, uMduduzi makalala nomuntu wesifazane naye bekanela ngapha. Akazi naloNtombela ukuthi ubasiza ubangene ngani akakhoni nokumngena kwayena. Kuqhamuke inkosikazi yakhe yesithupha ifike igobe phambi kwakhe.

“Menziwa ukudla sokuready.”

Nkosi:”Ngidla kwakho kanti namuhla maSbeko?”

MaSbeko:”UmamThabethe akakakhululeki emalangeni akhe nkosi yesizwe.”

Nkosi:”Nginithathe niyiskhombisa ngenhloso angifuni ukuphinda isidlo esisodwa evikini. Landa lengane kaMthembu uyibeke egumbini lami.”

NaSbeko:”Awwww shwele baba leyongane iyalingana nezingane zakho nje, futhi yintombi yendodana yakho uPhilani.”

Nkosi:”Sekakhethiwe mulande.”

NaSbeko:”Koze kube nini kodwa baba yingane leya.”

Ithukuthele inkosi phela yona iphila ngezimbiza nalemamba ihlala imufunisa ukulala.

Nkosi:”Bonogada muthathe niyomuvalela nizomukhipha kusasa ebusuku sekanomlomo omude, wena iya lapha kwaMthembu uthathe lentombi kaPhilani uyimukise egunjini lami manje.”

Kube ububhudubhudu bebhuduzela kuthi benze abathunywe kona ivalelwe inkosikazi yakhe abanye balande intombazane ayihalelile bamulethele egunjini sekayilindele. Ithuke ingane yabantu mayibona uyise wesoka lakhe ehamba ngomzimba. Bayingenise babavalele phakathi izenzele inkosi ingane noma seyikhala akasabavali nomlomo ngoba uyazi akekho ozomuphazamisa. Bonogada balinda emnyango aze aqede. Kokunye uyababhekisa makenza lomkhuba. Athi angaqeda

Nkosi:”Waze watshela uyihlo ngalento wazi ukuthi kuzoba ukufa komndeni wakho wonke. Uyawazi lomndeni oshiselwa emizini yawo.”

Ivume ngekhanda ingane ngoba kukaningi imindeni ishela phakathi kube ubhubhane kulowomuzi.

Nkosi:"Kuhle ngoba uyazi makungenzeka ukhulelwe kwabayintombazane ngizokubulala nayo kepha makuyindodana ngizokushada. Hamba ngizokubona masengikudinga futhi."

Iphume ingane yabantu bonogada noma bangamuzwela akukho abangakwenza ingani abafuni ukufa nabo, noma babulalise imindeni yabo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Esibhedlela🌼

UScelo uyakhishwa namuhla yena esibhedlela ahambe ayobheka isthandwa sakhe asifice singakaphaphami. Afike ahlale duze nombhede wakhe elokhu ekhuluma naye kungabonakalisi nokululama ngisho umehluko omncane lona.

Sekayinto elele nje ahlale lapho celeni naye kubuhlungu nje ngoba nengane yakhe isasekhona la esibhedlela ayikalulami, yize yona incono kunomawayo. Angene uThemba nguyena obasizayo nje selokhu bangena esibhedlela.

Themba:"My authi bangitshela ukuthi sebakukhiphile wena."

Scelo:"Sebangikhiphile kodwa kusafana kuNomthandazo akunashintsho."

Themba:"Kumele uhlale ethembeni ndoda akukho ongakwenza nawe."

Scelo:"Kumanje ngiphumile angazi ngiyophuma ngalesango ngilibangisephi."

Themba:"Ungazikhathazi ngendawo yokuhlala my authi ngizohamba nawe."

Scelo:"Ngiyabonga my authi kakhulu futhi, angazi noma sengiyayona na ngingathanda ukuhlala kuze kube ntambama naye."

Themba:"Ungakhathazeki vele bengingeke ngiye ekhaya manje ngisematasa emsebenzini ngizobuya ntambama."

Scelo:"Ngiyabonga bhuti."

Aphume uThemba kungene abodokotela abane bafike beme ngasembhedeni kaThandazo bonke angababheki yena babingelele avume.

Dr.1:"I'm Dr.Naidoo are you  family with her?"

Scelo:"Shes the mother of my baby."

Dr.2:"The baby that is in ICU?"

(Uswane lolu afike nalo lushayekile?)

Scelo:"Yes."

Babhekane emehlweni bodokotela.

Dr.3:"Hi ngingu Dr.Sebiloane akanawo umndeni kodwa esingakhuluma nawo?"

Acabange uScelo abone kufana nje.

Scelo:"I'm her only family."

(Yimina umndeni wakhe).

Dr.Naidoo:"Dr Biyela this is where you come in, explain everything like we spoke talk to him."

(Dr.Biyela wena kumele ukhulume naye njengoba sikuchazele khuluma naye.)

Abhekise amehlo uScelo kulodokotela omncane kunabo bonke wesifazane futhi ubukeka ethukile.

Dr.:"Hi I'm ahm (adonse isikhohlela) "im Dr.Biyela an intern here here, I'm afraid we have we have bad news for you sir."

(Ngingudokotela Biyela osafunda kulesibhedlela sikuphathele izindaba ezimbi mnumzane.)

Angaphenduli uScelo amuqgolozele emehlweni manje angasawasusi kuye awakhiphe wonke udokotela amubuke naye elokhu enganaza manje sekamangazwa ubuhle balomuntu wesilisa kodwa kumele amuzwise ubuhlungu manje, kodwa abekhethelani ukuba wudokotela sekazophula inhliziyo yensizwa ephelele ngalohlobo.

Amubheke izindebe zomlomo ezithi kuba nkudlwana athuswe omunye udokotela akazi noma kukhona okunye akushilo kuye. Abe namahloni abheke phansi azilungise izibuko zakhe emehlweni.

Dr.Biyela:",I'm sorry this is hard."

(Ngiyaxolisa lento inzima)

Scelo:"Can someone say something please."

Dr.Biyela:"Your wife wont make it sir even now she's breathing because of this machines without them she's no more. We tried everything as doctors but the head injury that she has doesn't look good and she still bleeding even now worse her brain is swollen."

(Inkosikazi yakho ngeke iphile ngisho namanje uphefumula ngemishini mayingacishwa lemishini angathula naye. Sizamile konke singodokotela kodwa lokulimala okusekhanda akubukeki kahle, namanje usopha ebuchosheni futhi uvuvukile.)

Avele abone uScelo ukuthi lendaba iyaphi ikhanda lakhe lizule ezwe ngathi kuhamba isitimela ekhanda lakhe, alibambe naye.

Scelo:"Can you tell me this in my language please."

UDr. Sebiloane amuphindele ngesizulu.

Dr.Biyela:"Sir I'm so sorry but we are here to advice you to switch off the machine if you cant we will do it for you. If we keep her here it will only be expensive for you while we all know she wont wake up."

(Mnumzane ngiyaxolisa kodwa silapha kuzokweluleka ukuthi ucishe umshini uma ungakhoni sizokucishela. Okunye ukumgcina la kuzobiza ukuthi ukhokhe kakhulu kanti siyazi ngeke asalulam.)

Ahlale phansi uScelo into abesaba ukuthi bazoyisho nakhu bayisho vele, ingane yakhe uzothini kuyo  manje sekumele adedele uThandazo naye uyabona ukuthi ngempela akasaphili kodwa awuthathephi umuno wokuzibulalela isthandwa sakhe. Uyazisola nokuthi wamuthandelani nje kwasekuqaleni ngoba bonke lobunzima andlule kubo yingenxa yokuthi uswele. Zehle izinyembezi kuScelo angabaphenduli bodokotela.

Dr.Naidoo:"We will give you some time to say your goodbyes sir, we are so sorry again."

(Sizokunika isikhathi sokuthi uvalelise  siyaxolisa futhi.)

Baphume bonke uDr.Biyela asale kepha eme emnyango amudabukele naye aze akhale aphakame uScelo amususe ingubo ambeswe ngayo akakhoni nokumuhaga amaphayiphi agcwele umzimba wonke uhlatshwe wahlatshwa. Abuye amumbese amucabuze esihlathini angasuki alokhu ebeke izindebe zakhe esihlathini saThandazo akhale uScelo kuze kuzwakale sekamuninde ngezinyembezi nangamafinyela. Amubambe ngesandla.

Scelo:"Sthandwa sami ngiyazi ubungazwani nodlame ubuzofuna ngiqhubeke nempilo ngingenzi lutho, kodwa mina ngifuna ukumbulala uNjeza. Noma ngingabhadla ejele akusekho engizokuphilela la ungekho wena.

Ngiyabonga wangibonisa uthando luyini ngingalwazi, bengifuna ukukhula nawe sisebenze kanzima umndeni wakho ukubone ufeza amaphupho akho nami bengifuna kubuyela ezweni lasekhaya ngiyolanda lo owangishisela umndeni wami wadlwengula nosesi wami nginawe celeni nami. Uyahamba manje no kahle kahle usuhambile nje. Kunzima Thandazo iNkosi ayisamani ingiphe umzuzu omubili ngizwe uhleko lwakho nje."

Alahle ikhanda phezu kombhede akhale aze azumeke lapho, uDr.Biyela aphume sekathethiswa naye kuthi ziningi izigulane uzozikhalela zonke na.

Wagoba kanjalo uScelo kwaze kwaba yisikhathi sokuthi kungene abanye bodokotela masebaqedile ukukhumula uDr.Biyela abuyele ewodini likaThandazo amangale makafica uScelo asahlezi angene ahlale celeni kwakhe. Amubheke uScelo abone ukuthi yilodokotela kodwa akasagqokanga ezobudokotela.

Dr.Biyela:"Unjani?"

Scelo:"Ulindele impendulo vele?"

Dr.Biyela:"Ngiyaxolisa mnumzane ngi ahm."

Scelo:"Dr ungazikhathazi ngiyazi esimeni esinje umuntu akazi aduduze athini, nawe thula ngoba uzaze ubhede."

Dr.Biyela:"Uma ufuna ukumduduza umuntu wenza njani ungakhulumi."

Scelo:"Thula nje ubekhona."

Dr.Biyela:"Kulungile."

Bathule kuze kufike uThemba amangale sekahlezi nomuntu angamazi uScelo makamubona kube ngathi ubona ubhuti wakhe omdala. Amubikele okumele kwenzeke abhekise amehlo kulodokotela.

Scelo:"Udokotela uzile nje kuzongibheka manje besekahamba."

Dr.Biyela:"Cha angikahambi ngizohlala nani."

Scelo:"Thina sesiyahamba."

Dr.Biyela:"Kulungileke ngizohamba ngizonibona kusasa."

Aphume uScelo asale anikine ikhanda uThemba angasho lutho amuphulule emhlane.

Themba:"Asambe ndoda uzobuya ekuseni nawe sowenzile isinqumo kumele ulale asambe."

Baphume bazithele kuDr.Biyela ayamele emotweni yakhe ababone nabo mabangena emotweni yabo baphume. Angene kweyakhe naye abalandele akabazi labantu kodwa uzwa amudabukela kakhulu uScelo ngenkosikazi yakhe. Noma eshawa luvalo kodwa aqhubeke abalandele uThemba isigebengu esidala kudala amubonile ukuthi uyabalandela ubona nalezinombolo zalemoto yakhe akusizo ezalendawo, ashayele kancane ngamabomu kuthi angalahleki uzaze avinjwe izigebengu zendawo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UMlungisi makaphaphama ekuseni isithandwa sakhe asikho duzane naye avuke aye endlini encane ageze aze aqede. Amuthole agobe ekhabetheni enza ubuhlalu. Ugxilile kubo ngathi wenza zona uMlungisi naye afikelwe ukumhleka.

Mlungisi:"MaMgazi uyazi indoda ayishiwa embhedeni."

Nokubonga:"Mayivuka emini izodla ini ngoba umfazi kumele avuke ayolungisa ukudla."

Mlungisi:"Ukudla okuya esiswini sizokudla ndawonye mina ngifuna kuvuswa ngocansi."

Ahleke uNokubonga

Nokubonga:"Kahle Mgazi ngathi ungiphendule ubsuku bonke."

Mlungisi:"Ngamanye amagama ubalekile."

Nokubonga:"Ngibalekile vele haaaa."

Mlungisi:"Nawe ungenzele into engingayazi."

Nokubonga:"Ukudla akukho bengithi ngizokuvusa ngobhekeni."

Mlungisi:"Ngathi ngizonona la mangizovuswa ngaleyondlela njalo."

Bahagane

Mlungisi:"Asambe siye ekhaya."

Nokubonga:"Nginjena Mgazi cha ngiyasaba hamba wedwa baqale bajabulele wena kuqala."

Mlungisi:"Ngifuna nokubona umfowethu omncane ungikhathazile izolo yazi."

Nokubonga:"Hamba big brother ungilethele ukudla nje."

Mlungisi:"Hhey  maMgazi ngeke udlele la endlini ngifuna kuhamba nawe yonke lendawo ngize ngiyongena nawe emfuleni ubonwe izinhlanzi zendawo. Sihambe siye nasejele nasezibhedlela ukuthi bakubone nje bangigcina ngifa angithi. Kumele babone ukuthi ngivuka nesiphalaphala esinjani, muhle mntanomuntu yazi nasebusuku bengikubhekile ngizimangalela isibhamu esinjena duze nami."

Nokubonga:"Khawula phela Mgazi senginamahloni."

Ahleke uMlungisi amucabuze athi uyabuya manje aphume uyazi abakayi nokuyovula estolo ngaleskhathi basasekhona. Afike anokhe kabili kuphendule unina.

MaBiyela:"Ngiyeza bo."

Alinde angangeni aze avulelwe athuke umawakhe abona indodana yakhe ime phambi kwakhe ngezinyawo nayo ibukeka iphelele futhi. Athwale izandla ekhanda.

MaBiyela:"Hawu ndodana ndodana hawu baba buya uzobona."

Aqhamuke uBiyela alandele uMduduzi nendodana yakhe ayibambe ngesandla esisodwa unina sekayakhala.

Biyela:"Hawu ndodana Menziwa Ntshangase hayibo."

Mdu:"Haaaaa mfo awusho ngani izolo kuthi kuza wena."

Amuhage umawakhe bese uyamushaya kancane.

MaBiyela:"Indlu ibilungiselwa wena dodi."

Ahleke uMlungisi axhawule uyise kanye nomfowabo bese ubheka uNduduzo.

Mlu:"Manje lo mini me zikhiphani, baba ngazi kahle ukuthi anginangane mina manje yavele yafana nami kangaka lengane, buka izindlebe ezicijile."

Bahleke kanti uMlungisi akadlali vele uzibona yena kulengane amuthathe amudlalise abheke abazali bakhe.

Mlu:"Mfo ukahle?"

Mdu:"Sizoxoxa mfo."

Biyela:"Nizoxoxani usuyakhuluma manje kanti ubushalazela ubusuku bonke."

Mlu:"Wenzeni?"

Biyela:"Ngimubambe alele noma wengane yakhe la ekhishini."

Ahleke uMlungisi aze aphakamise unyawo olulodwa.

MaBiyela:"Asambe Biyela isikhathi sesishayile."

Biyela:"Nkosikazi yazi ngoba sekabuyile uMlungisi ngifuna sikhulume naye ngakho konke, kunganjani uMduduzi benomama Nduduzo baye estolo."

MaBiyela:"Awwuuuuu baba bazogila lomkhuba wabo bazopotoze amatamatisi ami kuncono kuhambe mina nomamomfana."

Biyela:"Cha ngikufuna duze nami."

UmaBiyela ume kuzinki uyalungisa bavumelane ngokuthi akuhambe uMduduzi ahambe alande uLungile mabavela amangale uMlungisi ashalazele uLungile abheke phansi abingelele baphume. Basale bamutshela konke ngoLungile nangesenzo sikaMduduzi.

Mlu:"Angazi ngithini ngifika nje ngazithela entweni enje, ngicela ningayikhulumi lento ngizobona ngenzenjani namuhla ngifuna kukhipha umaMgazi siyodla."

Biyela:"Mina ngishiwelani kahleni bo."

Mlungisi:"Cha baba ngize nendlovukazi yami ngisho yena wena sala newakho umaBiyela."

Biyela:"Lomfana madoda uze nalomntwana owakuphefumulisa kabhlungu?"

Mlu:"Nguyena baba."

MaBiyela:"Iza naye kuqala ngizombona seniyangigabisela."

Aphume uMlungisi ayomulanda naye amuncenge makangena noNokubonga akhamise njalo umaBiyela angabi namazwi amubheke.

Biyela:"Unjani indodakazi?"

Nokubonga:"Ngiyaphila baba."

MaBiyela:"Ungumhlobo muni sesi, ungumuntu noma uxubile?"

Nokubonga:"Ngingumuntu ma ngingowakwa Buthelezi."

MaBiyela:"Shenge hhayi anginawo amade waze wangigqamisela ingane yami nobubi bayo."

Bahleke kodwa umaBiyela usathathekile ubuhle bakhe, avele azwisise kungani ingane yakhe ithatheke ngalohlobo.

Biyela:"Kuyasebenzeka kodwa ndodana ngoba bekwala?"

Amoyizele uMlungisi abheke uNokubonga abone ukuthi akawunakile umbuzo wababakhe.

Mlungisi:"Kuyasebenzeka baba, kwavuma kwale kodwa azange kubenethuba."

Biyela:"Manje kusebenzeke kahle?"

Mlungisi:"Kahle kakhulu ngize ngabuyela ungakhathazeki nkosi yami ngikahle."

UmaBiyela:"Hawu kodwa baba kahleni bo nizosithola isikhathi ninodwa."

Biyela:"Bengikhathazekile nje nkosikazi."

MaBiyela:"Awusabuyeli emuva bazoyithathela indodana yami, manje maniphuma ngifonela bobhuti, cha uzovalewa yimina ndodakazi awusajiki uhle ushiye ifone yakho ungaze ubashayele ekhaya."

Achazeke uMlungisi asukume ayohaga umawakhe.

Mlu:"Wakhuluma mama nami ngiyavuma, baba?"

Biyela:"Eyyy okushiwo umawakho ngikuvuma konke ndodana valela."

Bahleke baphume sebayozizulela uNokubonga yena ucabanga ukuthi bayazidlalela abazali bakaMlungisi kanti akabuzanga elangeni.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU25🌼

KWAMAMA THEMBA🌼

Bafike boThemba besekamazisile umawakhe ukuthi uzoza noScelo naye uzolala khona la ekhaya. Bafike abavulele sekabalungisele futhi. Bangene bahlale phansi ahle amubone ukuthi lomfana udabukile kanzima futhi.

Themba:"Sthandwa sami."

MaamBaloyi:"Ungazongibhedela wena umnyamane sekayakuncisha na sozozama lakimi?"

Ahleke uThemba into ayithandayo ngomawakhe ukuthi umuntu noma angadabuka kanjani uhlala anendlela yokubenza babencono nje. UScelo amoyizele okungatheni.

Scelo:"Sanibona ma."

MamBaloyi:"Unjani ndodakazi?"

Amubheke uScelo phela akukho okungash ukuthi uyindoda nephimbo liyazisho futhi yena ukhuluma ngephimbo elindondayo. UThemba ahleke ikakhulukazi makabona ukumangala kukaScelo.

Scelo:"Angisiyo in."

Amungene emlonyeni.

MamBaloyi:"Ngiyathemba awuthandani nalendodana yami use kabi lo."

Scelo:"Uma uyaphazama ngingumuntu wesilisa mina."

MamBaloyi:"Hawu yehheni lafa elihle kakhulu umuntu wesilisa omuhle kanje awuvule ngibone."

Adideke kakhulu uScelo kodwa makabona uThemba indlela ansinsitheka ngayo naye agcine sekahleka.

MamBaloyi:"Unjani mfanami?"

Scelo:"Ngiyaphila ma."

MamBaloyi:"Nami ngiyaphila ndodana kusekhaya la ungazixwayi."

Scelo:"Ngiyabonga ma, mangingageza nje ma."

MamThemba:"Umtshelile Themba ukuthi akugezwa la ekhaya?"

Themba:"Bengingakamutsheli."

UThemba ahluleke ukuzibamba ahleke futhi.

MamBaloyi:"Wena uzangibophisa usuhlekelani manje uzangibambisa nasemaphoyiseni, buya mfanami ngikubonise igumbi ozolisebenzisa."

Amulandele uScelo ayomukhomba legumbi amushiye lapho futhi makaqhamukela ekhishini amubekele indaba kaScelo kuthi kumele acishe umshini.

MamBaloyi:"Kunzima mntanami izinto zomhlaba, wena utheni manje kuye?"

Themba:"Ngingathini ma phela ngeke ngithi yicishe noma ungayicishi kukuye."

Kubekhona onokhayo uThemba ahle acabange ukuthi yilodokotela asukume umawakhe angasho lutho, ngempela uThemba makavula umnyango nguyena lodokotela amungenise.

Dr.Biyela:”Sanibonani ekhaya ma.”

MamBaloyi:”Siyakubona nathi.”

Udokotela abheke uThemba.

Themba:”Ungahlala phansi dr usageza ngale.”

Dr.Biyela:”Ingabe unjani mawumubhekile?”

Themba:”Lendoda iyakwazi ukucindezela ubuhlungu ngingeke ngisho kuthi unjani.”

MamBaloyi:”Awusho ke ndodana singakusiza ngani?”

Amubheke ngokumangala udokotela angakaphenduli futhi.

MamBaloyi:”Cha ngiyabuza phela ngoba nakhu uhamba kumnyama kusho ukuthi uyindoda noma uloyiwe.”

Abambe ukuhleka udokotela abheke phansi.

Themba:”Ma udr.Biyela lona uzohlola isimo sikaScelo.”

MamBaloyi:”Ngiyathemba akalali la yena anginayo indlu yamabhebhana mina.”

Ahluleke kuzibamba udokotela ahleke noThemba ahleke, kuqhamuke uScelo makabona lodokotela amangale.

Scelo:”Ufunani la?”

MamBaloyi:”Kanti awubizwanga awuthi ngiyozilalela mina.”

Asukume umntomdala atete izandla zakhe emhlane ayosithela egumbini lakhe.

Scelo:”Usthole kanjani?”

Dr.Biyela:”Ngiye nganilandela ngikhathazekile nje ngesimo okuso.”

Adonse umoya uScelo noma efikelwa ukucasuka ngesenzo salodokotela kodwa azibambe angasho lutho.

Dr.Biyela:”Ngiyaxolisa mangibhedile.”

Scelo:”Ayikho inkinga Mthimbane ngisayolala mina.”

Aswabe uThemba abheke udokotela phela alikho elinye igumbi angalisebenzisa kumele ahambe, phela mathathu amagumbi okulala kulendlu yamamakhe.

Themba:”Scelo ngiyazi ukhathele mfana'sendlini kodwa mulalele mhlawumbe unecebo mina ngizokuphakela uzodla ulale kusasa kusile.”

Scelo:”Ukudla ngeke kungene mfo angilambanga nje kokanye.”

Dokotela:”Mnumzane kuzomele udle.”

Scelo:”Eyyy kukhona mhlawumbe ozongitshela kona okuhlukile kulokhu esengikwaziyo?”

Dokotela:”Akekho umuntu enimazayo obonayo okungenani, umuntu makasesimeni esinje ngesenkosikazi yakho yena angakhona ukukubonisa ukuthi wenzeni.”

Adonse umoya uScelo, uThemba yena avele acabange umamkhulu womngani wakhe, kodwa angakwazi ukuthi uyasebenza ebsuku na. Akhiphe ucingo ashayele uSambulo alubambe amazise ngesimo sikaThandazo.

Sambulo:”Ingane yabo yona?”

Themba:”Iyalulama yona.”

Sambulo:”Umamkhulu akahluphi usebenza ngaleso  iskhathi omufuna ngaso.”

Themba:”Siphatheni?”

Sambulo:”Lutho mfo uzonazisa yena manifika kuye.”

Bavalelisane abatshele bahambe udokotela uzwa aba nezinhloni ngalento ayenzile ngokulandela uScelo. Bangene emotweni kaThemba.

Dokotela:"Mina ngicabanga ukuya endaweni yami manje sekuhlwe kakhulu."

Themba:"Lendawo yethu yimbi kabi bazokubamba."

Kukhale ucingo lwakhe ngaleso sikhathi.

Dokotela:"Bhuti."

...................

Dokotela:"Bengikhathazekile ngesinye isigulane bhuti ngasilandela."

......................

Dokotela:"Cha bhuti ngiyabuyela manje ngiyaxolisa."

Abonakalise nje ukuthi lomuntu akhuluma naye uyamuhlonipha futhi uyamusaba ahle athuke nje sekayengezela nezinyembezi.

Dokotela:"Eya bhuti."

Aluvale.

Dokotela:"Ahm ningahamba ngikufisela uhambo oluhle Scelo."

Themba:"Ithi sambe nawe masiqeda sizokuhambisa."

Dokotela:"Ngiyabonga."

Themba:"Ungakhathazeki ngemoto masiza esbhedlela ekseni sizoza nayo."

Agibele ngemuva konke loku kwenzeka uScelo ucasukile nje akhiphe imoto uThemba bangene indlela, makasazojika kumgwaqo omukhomba kamamkhulu.

Dokotela:”Mina ngihlala kulomgwaqo ongemuva bhuti ungangishiya la.”

Themba:”Uhlala kulamaflethi akwaButhelezi?”

Adideke udokotela.

Themba:”Lawa akhiwe ngasesontweni?”

Dokotela:”Yebo.”

Abhekise imoto khona afike ayingenise phakathi ehlike bamulinde ayongena eflethini lakhe bese bayaphuma.

Themba:”Ngathi awumzwisisi nje lodokotela.”

Scelo:”Angizwani namantombazane aphaphayo mina.”

Themba:”Wenziwe ukukuzwela bandla muxolele.”

Scelo:”Ukhona umuntu okahle ongalandela amadoda amabili?”

Athule uThemba abheke phambili mabafika kwamamkhulu isango lizivulekele uThemba azitshele ukuthi uSambulo usemazisile, makamisa imoto umamkhulu aphume endlini enkulu aqonde esigodlweni sakhe.

Mamkhulu:”Ngilandeleni zinsizwa.”

Babhekane behle emotweni bayongena la asithele khona.

Bona:”Sawubona.”

Mamkhulu anganaki ukubingelela kwabo.

Mamkhulo:"Khathide khulula inhliziyo uqine indodakazi yakho izokudinga kakhulu."

Scelo:"Umawayo yena?"

Mamkhulu:"Ndodana uNkulunkulu wenza izinto ngendlela yakhe."

Scelo:"Angikuzwa ma."

Mamkhulu:"Kudingeka ukuthi manje uyophumula ngoba kusasa uzowudinga umdlandla."

Scelo:"Ma thina size la ng...."

Amungene emlonyeni umamkhulu.

Mamakhulu:"Nize ngoba nizobuza ukuthi ngingamphilisa na awufuni ukucisha umshini ngiyazi. Angeke uwucishe umshini hambani uyophumula kusasa uzokwazi okumele ukwenze mawufika esbhedlela."

Angayijabuleli impendulo kamamkhulu uScelo kodwa angasho lutho abheke phansi.

Mamkhulu:"Baloyi thatha umfowenu ayophumula."

Baphumeke kanjalo enganelisekanga uScelo kuye kuyafana nokuthi akayanga khona bafike balale......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EKAPPA🌼

Sambulo:"Usuxolile manje?"

Gabi:"Kakhulu."

Sambulo:"Sengizosala ngibona uKhans vele."

Gabi:"Kulungile sthandwa sami ngiyabonga ngokungiletha, ngiyaxolisa futhi sihambele amahhala."

Sambulo:"Akunankinga vele bekungimele ukuza ngapha."

Gabi:"Asambe manje moso maniqeda ukukhuluma sisale sibuyela emuva mina sengikhathazeke ngendaba kaThandazo."

Akhiphe ucingo lwakhe ashayele uKhans amubuze ukuthi angakhona kumubona manje avume bahambe ngempela sebalibangise kwaKhans. Bavulelwe bonogada bakhona.

Gabi:"Namanje angikhoni ukuqonda ukuthi umuntu aze agadwe kangaka ngobani, indlu yakhe inkulu unemali wenzani kahle kahle?"

Sambulo:"Sothanda izindaba manje nkosazana."

Gabi:"Cha ngiyazibuza nje."

Sambulo:"Ngizokutshela masihamba."

Bangene endlini sekahle ubamele uKhans njalo makabona uSambulo ubona indodana angazange abenayo ayifisayo futhi. Abamoyizelele asukume avule izingalo zakhe ahage uGabsile bese uxhawula uSambulo.

Khans:"Uze wafika."

Sambulo:"Ngifikile baba yize ngijika futhi namuhla."

UKhans abheke uGabsile amumoyizelele.

Gabi:"Nifuna ukuxoxa nodwa ngiyazi ngizonidedela kancane."

Sambulo:"Buya ngikubonise ingadi."

Kuqhamuke ingane kaKhans le ezifunela uSambulo amoyizele makamubona ayoziphosa kuye uGabsile ayibuke ayigqokanga lutho nje.

Khans:"Baby girl khombisa umamSambulo ingadi ubaba usafuna kuxoxa noSambulo."

"Kulungile baba asambe girl."

Basithele basale bodwa.

Khans:"Ndodana maye yinhle intokazi yakho."

Sambulo:"Ngiyabonga baba.".

Khans:"Nayi indaba asiqale la sengihlezi manje ndoda iskhathi,sami siphelile ngifuna umuntu ozoqhubeka la engigcina khona."

Sambulo:"Kuphi nendawo baba ngoba wenza izinto eziningi?"

Khans:"Konke mfanami, izingane zami azikwazi ukusebenza zazi ukusebenzisa imali nje."

Sambulo:"Manje isimo sizobanjani kubo angicabangi ukuthi bazayijabulela leyo kuthi unginike izinto okumele ngabe ziya kubona."

Khans:"Ngiyazi ndodana mina eyami inhliziyo ifuna kunika wena ngoba ngiyazi umsebenzi nezandla zami ngeke uwele phansi."

Sambulo:"Baba ngiyakuzwa kodwa yonke ingcebo lena eyababa wabo ."

Khans:"Sengakhuluma nabo  bona abakucelayo nje ukuqhubeka bathole lenani engibanika lona ngenyanga (allowance). Mawuyibambe lapho ndodana uzobakahle."

Sambulo:"Ngiyasaba masebangijijikela la."

Khans:"Mfanami mangingabanika lamabhizinisi azowa wuhlu phansi ngizwele ndodana."

Sambulo:"Ngiyakuzwa baba ngicela kuyokhuluma ekhaya bese sithatha isinqumo ngizokwazisa."

Khans:"Ndodana ungathathi isikhathi eside izinsuku zekhehla zinciphile."

Sambulo:"Usho ukuthini manje baba."

Khans:"Ndaba yolunye usuku, izimamba ziyazingela manje zifuna amasuppliers ethu aseCongo."

Sambulo:"Enye indaba futhi bengifuna kuyikhuluma nawe."

Khans:”Ngiyazi kudala wayeka nami besengiqalile ngokusuka manje la inkinga yami ukuthi izimamba zifuna ikhanda lami, angithi kuze amaCongo anikezele kubo kumele balethe ikhanda lami kubonisa ukuthi banginqobile.”

Sambulo:”Ubani umholi walezimamba ngaphandle kwalo bekangilandela okunguyenayena ngqondongqondo.”

Khans:”Bathi elinye ikhehla elingananhliziyo liyinkosi kwesinye isigodi.”

Sambulo:”Igama lesigodi.”

Khans:”Asaziwa akekho owaziyo futhi ungubaba walomholi lo bekakulandela.”

Sambulo:”Kulula mina ngizokubuyela nekhanda langqondongqondo ngilibeke phambi kwababafana bakhe, phela masingalokhu sigijimisana nalababafana ngeke siqede. Sizoya la abangagadanga khona.”

Khans:”Yabona wena mfanami abantu bamane abazwisisi ukuthi kungani kubenzima ngalohlobo kukudedela uhlakaniphile. Manje ngenzenjani mina.”

Sambulo:”Thatha umama uyoncebeleka naye inyanga iyophela  seyifile lemamba.”

Kukhale ifone yakaSambulo makabheka uMlungisi amoyizele.

Sambulo:”Baba ngicela kuphendula.”

Khans:”Kulungile.”

Asukume aluphendule.

Sambulo:”My authi.”

Mlungisi:”My authi uhambe kahle?”

Sambulo:”Ngihambe kahle.”

Mlu:”Ngidinga usizo lwakho ndoda angifuni ukusebenzisa abafana bala.”

Sambulo:”Ngilalele.”

Mlu:”Angazi noma uyazikholwa izinto zobuthakathi na, umfowethu ongilamayo ungeniswe kolunye utaku bamufaka isilwane bekaphila njengohlanya ndoda. Manje kunobaba omkhiphile

lesilwane umfowethu akakhoni ukuhlanganisa impilo yakhe kahle. Ezinye izinto akazikhumbuli futhi abenza izinto ezingekho kahle akakwazi konke lokho.”

Sambulo:”Abengekho ezingqomdweni zakhe?”

Mlu:”Njengoba usho nje okubi ukuthi kuleminyaka emihlanu ubulele udlwengulile uze unezingane ezimbili angazazi.”

Sambulo:”Heeeee lentwana yakho imoshile moso.”

Mlu:”Kakhulu mfo kakhulu.”

Sambulo:”Unjani yena sidalo sakhe?”

Mlu:”Ulungile my authi intwana yami inedirection futhi uhlakaniphe kakhulu akuchazeki nje. Okunye naku uthandana nentombazane ayidlwengula wayitholisa umntwana.”

Sambulo:”Kanjani ababonani yena makakhohliwe lentombazane akamuboni?”

Mlu:”Lentombazane yake yaxoxela umawami ukuthi lomuntu wayezivale ubuso kuvele amehlo kuphela into ayaziyo amehlo wona ngeke amdukele manje intwana yathi mayikhishwa lesilwane yabanenkinga yamehlo yaya kwadokotela yafakwa amacontact lenses ngoba ingafuni izibuko.”

Sambulo ashaye ikhwele.

Sambulo:”Lezinto ezenza amehlo kube ngathi wabelungu noma wamakati?”

Bahleke bobabili.

Mlu:”Kona kanye"

Sambulo:”Mina ngikusiza ngani ndoda?”

Mlungisi:”Umama le mangihamba wathi ingane kamfowethu yokuqala ilapho eKappa, ngifuna kulanda isihlalo sami kodwa kumele ngishanele lamanyala anyiwe ilentwana kuqala, bese ngiyosusa ubabomncane esihlalweni sami.”

Sambulo:”Ngiyakuzwa wena thola uma wengane ukuthi ungubani.”

Mlu:”Igama ngeke lisebenze my authi ngoba ayafana ngifuna ukuza lapho mina lemamba ingakaboni.”

Athuke uSambulo

Sambulo:"Utheni imamba?"

Mlu:"Yebo lomfana wasekhaya abefakwe imamba."

Sambulo:"Lobabomncane wakho uyinkosi?"

Mlu:"Yebo."

Sambulo:"Mfowethu hlala lapho ngiyeza mina manje ngiyabhukha indiza ungilindele siyeza."

Mlu:"Kahle ndoda uzongiphazamisa la nesithandwa sami angikufuni mina ngifuna ukuza lapho asale aba  kuholide undlovukazi wami, ngeke ngikulande ungezi."

Sambulo:"Uyanya saan ungilande ngemoto yami."

Bahleke bobabili aluvale uyakhuleka nje ukuthi akusiye ubaba kaMlungisi longqondongqondo wezimamba. Aqonde kuKhans sekadlathuzela.

Sambulo:"Baba sekumele ngihambe ngicela ungiphe amadoda noma angaba amashumi amabili bangilandele."

Khans:"Sekwenzenjani manje."

Sambulo:"Asithi nje umfanakho uhlakaniphile njengoba uhlala usho ngiyabuya."

Khans:"Asezithendeni zakho amadoda hamba kahle mfanami."

Baxhawulane alande uGabsile bayogibela amuchazele ukuthi baya khabo Mlungisi manje kukhona ayomusiza ngako.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

Sekuhlwile uMlungisi ume noMduduzi ngaphandle baxoxa ngayo indaba yakhe wabese ufonela uSambulo ngenxa yokubona ubhuti wakhe omncane edabukile.

Mlu:”Ngizokusiza nawe uyazi.”

Mdu:”Angiyazi into eyenzeka kimi yazi.”

Mlu:”Manje ngoba ngathi awuzazi kahle, unesiqiniseko ukuthi uyamuthanda uLungile?”

Mdu:”Bafo ngiyamuthanda uLungile ungukuthula kwami konke akubalulekanga ngaphandle kwakhe.”

Mlu:”Uzizwa njani ngesimo esamuvelela.”

Mdu:”Mangingathola ithuba ngimazi lomfo owamenza lokhu ngizomubulala ngezami izandla.”

Amubheke uMlungisi azibonele nje ukuthi akakhumbuli lutho futhi akazenzisi.

Mlu:”Lengane yakhe.”

Mdu:”Sengizibona njengobaba manje, bafo mina ngimele wena mawuqeda ukuthatha intombemhlophe nami ngiyalandela.”

Mlu:”Hayibo selibuyaphi lelogama?”

Mdu:”Ngizwe ngomama nami sengijahe kumubona ngendlela anconywa ngayo haaaa.”

Mlu:”Sibuye akhathele ulele vithi uzomubona ekuseni. Mduduzi uyakhumbula ubuthandana noGabsile?”

Mdu:”Into emangazayo ngoGabsile yena ngiyakhumbula ngithandana naye kodwa angimuthandi angikhumbuli ngimushela angikhumbuli nje nokuthi saqala njani sinaye ubuso bakhe nginabo kodwa ekhanda lami.”

Mlu:”Kulungile bafo nasi isthandwa sakho silokhu silunguza lapha sekayakufuna uzosaba ukusondela.”

Amoyizele uMduduzi babuyele endlini.

MaBiyela:”Nihleba ngani kodwa nahlala isikhathi eside kangaka ngaphandle.”

Mlu:”Indodana yenu la isemathandweni ifuna ukuthatha unaBaloyi.”

Biyela:"Kahleni ngehaba nazi kahle kamhlophe ukuthi akakwazi uMlungisi kumele athathe kuqala."

Mlu:"Uzongilinda vele usho njalo."

Kungene umlayezo ocingweni lukaMduduzi alubheke.

Lungi:'Emva kwalento ongizwise yona izolo ngicabanga ukuthi umzimba wami usekulungele ukukwamukela.'

Amoyizele uMduduzi makaphakamisa amehlo afice bamubhekile bonke asukume abashiye kanjalo aye egumbini lakhe . Makangena uLungile azidlalise nomntwana.

Mdu:"Uthini?"

Lungi:"Ubonile nje."

Mdu:"Ngitshele emehlweni."

Lungi:"Ngiyasaba."

Mdu:"Wozala."

Amusukumise amuqabule kancane.

Mdu:"Nami ngiyakufuna njalo futhi kodwa uready ngempela na."

Lungile:"Ngiready umama uyeza angifuni afike la angithathe ngingakakhoni kuba nawe."

Ashintshe uMduduzi amuhage athathe uNduduzo aphume naye ayohlalahlala nabazali bakhe sekudliwe. uMlungisi makasahamba  noMduduzi aye egumbini lakhe azikhohlise uNduduzo kunina sekazela. Angene aye kuLungile bathukile bobabili.

Mdu:"Mawungasakhululekanga ungimise ngeke ngithukuthele."

Lungile:"Ngeke ngikumise."

Mdu:"Kuzobabuhlungu kungenzeka ungimise."

Lungi:"Ngiyazi kuzobabuhlungu futhi ngiyazi ngeke ngikumise."

Amoyizele uMduduzi amugxavule ngezindebe bacabuzane lapho uLungile azikhumule yena isikibha asale ngobra. Lesenzo senze uMduduzi amufune kakhulu.

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU26🌼

KWANTOMBELA🌼

Mamba:"Uyikhipheleni imamba yami kulomfana?"

Ntombela:"Ngiyikhiphe ngoba yafakwa indodana yenkosi ingazi."

Ahleke ubabomncane waboMduduzi.

Mamba:"Indodana yenkosi ungazongihlekisa wena."

Ntombela:"Kuzokusiza ukudlalela kude le ngoba izinsuku zakho sezibaliwe kuleso sihlalo."

Mamba:"Akukho muntu ozongisusa la, ngoba umnikazi wesihlalo uyagula umfowethu akanayo inkosana kanti mina nginayo."

Ntombela:"Ave uyisilima."

Athukuthele umamba.

Mamba:"Ucabanga ukuthi angivikelekanga mina ngeke balunge lomfana oqukethe amandla ngimubhekile akukho azokhona ukukwenza. Lemamba ngizoyifaka kuye."

Amangake uNtombela.

Mamba:"Wahlahla amehlo ubungazi ne mina ngiyakutshela loSambulo oza la uzojika sekahamba nyovane."

Akhiphe iqanda esikhwameni umamba aliphose phasi, kubonakale uGabsile azibamba esifubeni ngathi ubulawa zinhlungu. Makathi uphakamisa amehlo uNtombela akasekho phambi kwakhe ubabomncane nkosi mbumbulu. Kuqhamuke inkosi engumkhulu waboMlungisi.

Mkhulu:"NTOMBELA ISIHLALO SAMI NGASIGADISA WENA WENZENI? INDODANA YAMI YANGENA OGIBENI UBHEKILE IYEZA IMPI."

Ntombela:"Nkosi yami Menziwa."

Mkhulu:"UMlungisi makahlale esihlalweni Ntombela Esihlalweni Ntombela esihlalweni."

Uya ngokuthukuthela umkhulu lokho kumenze athuke uNtombela.

Ntombela:"Ngenze njani nkosi yami?"

Mkhulu:"IYEZA INKOSAZANA YAMANDLA ISENDLELENI IYONYATHELA EMGAZINI, SHANELA YONKE INDAWO ANGABEKI UNYAWO LWAKHE LA KUNCOLE KHONA YIBIKE."

Ntombela:"Nkosi yami."

Aphaphame uNtombela sekamanzi nte umjuluko athaleze ukuthi uphi lobabomncane wakhona azithele enkosini ekhotheme. Aze acishe ukuwa uNtombela azama ukwehla embhedeni.

Ntombela:"Nkosi yami."

Mkhulu:"Inkosazana inganyatheli la kuncole khona Ntombela ukhona. Ihamba nebhubesi elinaphaza lisiphule izimpande zesihlahla ngomuno owodwa."

Aphele emehlweni akhe athuke naye uNtombela phela inkosi selokhu yakhothama ayikaze izibonakalise ngalohlobo kuye. Uhlala ayibona makashaya amathambo nakhona akaboni yona ngqo kanje, udidekile manje. Akhiphe ucingo lwakhe udidekile akukho angakwenza, acinge inombolo yomuntu ongamsiza yize kusebusuku. Lukhale eside isikhathi alubambe.

"Ntombela."

Ntombela:”Ngiyaxolisa kukushayela ngalesikhathi inkosi ekhotheme iqeda kuziveza kimi ngididekile.”

“Itheni?”

Ntombela:”Uthi inkosazana iyeza kumele ngishanele inganyatheli la ekuncole khona.”

“Ngitshele ngalenkosazana.”

Ntombela:”Inkosi yaba nengane ekushendezeni kwayo unina wabaleka nayo, manje iyeza uthi ihamba nomoya webhubesi.”

“Ohhhhh Bawo kungani nginabonanga konke lokhu, hhayi.”

Ntombela:”Kumnyama kimi ngibonise.”

“Ngizokushayela manje unganyakazi.”

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMAMKHULU🌼

Makabeka ucingo phansi umamkhulu afonele uSambulo lungangeni agijime avuse bonke abasizi bakhe baqonde esigodlweni. Ashaye amanzi ngempela kumkhanyele uSambulo noGabsile laba abasendizeni abaya eMgazini.

Mamkhulu:”Khulekani nithumele umlilo wemvikelo eMgazini Nomusa hamba uyongipakela iskhwama sami ngihamba nawe. Mamsie hamba uyokhipha imoto yami ngale, shwele Baba shwele.Baba.”

Batatazele baphambane.

Mamkhulu:”Abazosala nibeke iso angazi ngiyohamba isikhathi esingakanani, Nokuthula makusa uhambe usifasele ibhande uye emfuleni. Hheeyyyyyyyyyyyyy Baba sesifikile isikhathi yisona lesi eyami indodana uzoyivikela lempi ingaka kanti ingaka Bawo.

" Kuvuka ukusho Smakade ukuthi umuncu lugcwele basibakele Bawo, hawuu ungifihlele ebusweni kanti yikhona lokhu.”

Abasizi abakaze bamubone umamkhulu evevezela ngalohlobo konke uhlala akwenza ngesizotha nangokumamatheka futhi. Namuhla ukhuleka umuncu uze ufika kubona kuba ngathi iphimbo lakhe lihlaba nasezinjulwini zamathambo nemithambo yegazi. Abafikelwa izilimi sebakhuleka ngazo kuyashisa kwamamkhulu aphumele ngaphandle la egcekeni kukhanya bha ngathi isemini manje kanti cha. Ashayele uNtombela futhi asheshe aluphendule kubonisa ukuthi abelugadile.

Ntombela:”Zwane.”

Mamkhulu:”Isendleleni inkosazana eyabaleka nonina fonela inkosi encane ikuphelezele niye esikhumulweni sezindiza. Makehla nje ube usulapho umamukele, ungavumi baphambuke ngisho ukuyimisa egaraji. Uyakwazi ukushayela?”

Ntombela:”Ngiyakwazi.”

Mamkhulu:”Makushayele wena ingezu kuphambuka konke kuzokucacela okumele ukwenze, isitha sisalele asikaboni lutho, ngiyeza nami.”

Aluvale umamkhulu imoto seyimulindile uMusa sekaqedile kupaka isikhwama wabeka emotweni izikhwama zabo. Angene esigodlweni athathe azokudinga phambili kufakwe emotweni, abheke abasizi bakhe.

Mamkhulu:”Niqaphe ngaso sonke isikhathi ningalali ngesikhathi esisodwa, namuhla anilali nonke nizophumula ngehora lesine masekusa. Ebusuku futhi kuzolala abanye bese abanye bayakhuleka bathumele umlilo eMgazini, nishintshane, siyezwana.”

Bona:”Amen ma.”

Mamkhulu:”Anginishiyi nodwa.”

Aphume ayongena emotweni yakhe ayihlehlise aze ayikhiphe ngesango ahambe njalo eshiya bekhuleka kwayena uyakhuleka.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

Nokubonga:”Uthi basazofika nje?”

Mlungisi:”Bayeza usujahe ubhuti wakho phela akusikudala beshayile kuthi sebayogibela.”

Nokubonga:”Yini le enizoyenza noSambulo.”

Kukhale ucingo lwakhe makabona ukuthi uNtombela aphakame ngokushesha akamufoneli phela lomuntu ngaphandle makubalulekile.

Mlungisi:”BabNtombela.”

Ntombela:”Nkosi yami kunuka impi isemnyango.”

Mlungisi:”Ngilalele baba.”

Ntombela:”Nkosi yami ngicela uzongilanda ungiphelezele kukhona la abadala sebangithuma khona kumele ngihambe nawe.”

Mlungisi:”Manje?”

Ntombela:”Manje nkosi yami uyafuneka.”

Mlungisi:”Ngiyeza baba.”

Avuke agqoke manje ikhanda lakhe limile ucabanga ozohlangabeza uSambulo, acabange umfowabo amushayele angaphenduli ucingo lwakhe.

Mlungisi:”Mamakhe ubab'Ntombela lona uthi uyangicela kukhona la okumele ngimuyise khona.”

Nokubonga:”Manje uSambulo, ikuphi futhi lapho?”

Mlungisi:”UNtombela uyasisiza la ekhaya kwakudala kumele ngimuphelezele, ngizoya kovusa uMduduzi angilandele bona.”

Nokubonga:"Kulungileke sthandwa sami, angazi ngobani kodwa ngizwa ngishawa luvalo.”

Mlungisi:”Angekeke ngikushiye wedwa asambe uzosala endlini ngize ngibuye.”

Nokunonga:”Ngizobakahle sthandwa sami.”

UMlungisi aphinde akhumbule lamagama kaNtombela awashilo makabamba ifone ,kunuka impi.

Mlungisi:”Ndlovukazi ngicela ugqoke kunento engingazange ngikutshele yona ngami ngizokutshela mangibuya manje ngicela ungilalele nje, uvume lento engiyishoyo. Gqoka ngisayovusa umfowethu.”

Avume uNokubonga naye sekathuka aphume uMlungisi ayokokoda kubo aye nasefasteleni likaMdu akokode aze ezwe iphimbo likaMdu likhulumela ebuthongweni.

Mlumgisi:”Vula bafo vula.”

Lesenzo sithuse nabazali babo bavuke kuze kufike ubabBiyela emnyango uMduduzi engakavuki. Angene uMlungisi sekathwele izifuba.

Mlungisi:”Ngiqeda kuthola ucingo olubuya kuNtombela kukhona la okumele angiyise khona, manje ngifuna uMduduzi angiyele esikhumulweni sezindiza angilandele umngani wami engimulindile.”

MaBiyela:”Ndodana ngathi awusitsheli konke kwenzenjani?”

Mlungisi:”Uthe kunuka impi.”

MaBiyela:”Ohhhh Biyela manje kukahle ukuthi uMduduzi aphume ngalehora asazingelwa ilemamba, ngeke ukhone ukulayela umngani wakho lona.”

Mlungisi:”Ngeke abe yedwa ma ungakhathazeki, uMduduzi uqashiwe yena akazi.”

Biyela:”Ndodana landa lengane yabantu esele yodwa kwakho, uma lempi isinuka kusho kona iduzane bangaze bamuluhlasele eyedwa.”

Mlungisi:”Kulungile baba.”

Aqhamuke uMduduzi sekagqokile naye uMlungisi amubekisele umngani wakhe ukuthi unjani kepha alinde amufonele. Ashiye nocingo lwakhe uMduduzi abuyele egumbini lakhe uMlungisi alande isthandwa sakhe. Angene naso endlini ngeke kusalaleka vele amucabuze esiphongo bese uyaphuma uMlungisi. Kuqhamuke noLungile benoMduduzi babingelele uNokubonga angavumi amangazwe ukubona uMduduzi. Yena amumoyizelele kube ngathi akamazi uyaqala ukumubona uMduduzi.

Mdu:"Unjani sisi kuze ngikubone."

Nokubonga:"Mduduzi?"

Ubiza igama lakhe ngokumangala lube lukhala ucingo lukaMlungisi alushiyile aphendule athathe ukhiye wemoto aphume naye ngejubane. Asale emangele uNokubonga uthandana nobhuti we ex kasisi wakhe omncane.

MaBiyela:"Ndlovukazi ingabe ukahle?"

Uyamangala uNokubonga phela akasiboni isidingo sokuthi naye amubize ngendlela indodana yakhe emubiza ngayo, kodwa angasho lutho.

Nokubonga:"Ngikahle ma."

Angasho lutho ngokumangala kwakhe.

MaBiyela:"ULungile lo umawengane kaMduduzi, Lungile uNokubonga lona uthandana noMlungisi."

Bamoyizelelane akukho abangakusho ngoba abakazani kangako kepha uLungile amubuke ngenhlonipho uyazibona yena muncane kuye. UBiyela yena unovalo angalwazi naye uyezwa naye kukhulu okubanyonyobelayo, bezwe sekuqala kuduma izulu manje kuphambane imibani khona endlini. Ahambe aye egumbini lakhe emsamo akhanyise ikhandlela alibeke khona livuthe kancane licishe athuke uBiyela alokhele futhi kuze kuphele umentshisi kulokhu kwenzeka into

eyodwa. UmaBiyela ume emnyango ubona yonke lento eyenzekayo izinja ziqale zikhonkothe umkhuba kuzwakale nezangale komgwaqo.

Iizinja:"Awuuuuùuuuuuuuu."

Kubaleke amagazi kubona kubemnyama indlu yonke.

Lungile:"Ingane yami."

MaBiyela:"Shhhhhhh akukho okuzokwenzeka."

UNokubonga usamangele okwenzekayo kodwa akayikhohlwa imfundiso kamamkhulu ukuthi mawuba sesimeni ongasivisisi isimo ongasazi siqhamukaphi khuleka. Isimo osibonayo ukuthi sinomkhuba phakathi futhi akukho ongakwenza khuleka. Manje usemzini akayazi inkolelo yakhona ezwe esaba abuye aziqinise.

Nokubonga:"Ma angazi noma ngizobe ngenza kabi ngingakhuleka."

Aphendule uBiyela kuqala manje abasabonani sebezwana ngamaphimbo.

Biyela:"Khuleka ndlovukazi kukhona okukhona."

Aqale akhuleke uNokubonga umaBiyela naye amujoyine.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UMlungisi makafika kwaNtombela angachithi sikhathi aphume kodwa amangazwe ukuthi ufuna kushayela ehlike vele bangene indlela. Ashayele uNtombela akanamusa la endleleni ushayela ngesivinini.

Mlungisi:"Siyaphi baba?"

Ntombela:"Ngithunywe inkosi eyakhothama ezala uyihlo umkhulu wakho."

Abone uMlungisi ukuthi akafuni ukukhuluma naye angamuqini ngemibuzo, lekhehla lishayele njengomuntu osemuncane baze bandlule UMduduzi nala endleleni. Ayibone imoto uMlungisi bamushiye ngesinye isivinini bafike esikhumulweni sezindiza. Behlike uMlungisi udideke into engachazeki.

Mlungisi:"Ntombela."

Ntombela:"Nkosi yami ohhhhh naba esize ngabo."

Makaphakamisa amehlo uMlungisi abone uSambulo kanye no hayimaaan uGabsile lo bekathandana noMduduzi nje. Uyamazi nguyena sekacabanga ukuthi sambe azange bathole ithuba lokuthi abazise uSambulo.

Bafike kubo uGabsile naye abheke uMlungisi abheke uSambulo, athuke ngoba akamucabangi nje umuntu ongabanguye la. Athuke abambe uSambulo ngesandla sekafuna bakhulume kancane azomazisa ukuthi ubani lo. Abavimbe uNtombela kuthi bangazichelise afike eme ngakuGabsile abheke phansi ahlanganise izandla phambili.

Ntombela:"Nkosazana wamukelekile, isikhathi asisekho nizobuye sikuxoxe okuningi."

Gabi:"Sambulo."

Ntombela:"Asambeni."

Bayongena emotweni uMlungisi yena ucabanga umfowabo ukuthi uzothini makabona uGabsile, uSambulo yena udideke into angayazi kwayena uGabsile. Aphinde ashaye uNtombela sebaphindela emuva.

Mlungisi:"Ntombela asilinde kancane ngoba ngithume umfowethu azobalanda manje ngoba sesibathatha."

Ntombela:"Nkosi yami ngifuna kulalela umoya ngicela ningakhulumi .."

Babhekane kodwa uGabsile inhliziyo isishaya ngamandla manje uvalo, ayishaye izule seyiqonde kwaBiyela iyagijima la emgwaqeni. Mabafika esangweni izulu lisaduma nje kuphela behlike, uMlungisi usadidekile nje. Bamangele sekasho izithakazelo zakoBiyela .

Phakathi endlini bakhuleke baze bayeka izinja azange zithule, izulu laqhubeka ngokuduma nombani ulokhu awukhanyi. Bezwe uNtombela sekabathokolela azibiza zonke ziphelele bavule umnyango ngokusaba baphumele ngaphandle uBiyela nenkosikazi yakhe.

Nangu uNtombela unoMlungisi nensizwa abangayazi kepha iyazibonakalela ukuthi inzima kanye nentombazane. UBiyela azibambe esifubeni ngoba ubona lobuso anokubuphupha kulentokazi enhle encane.

Azisho uNtombela izithakazelo angene uNtombela egcekeni noMlungisi alandele masekungena uGabsile imibani iphambane isho ukubaqeda acashe kuSambulo kepha basaqhubeka bayangena. Lisuke line bagijimele endlini nakhona sekuyakhanya. Mabangena amehlo asebuke kuNtombela.

Ntombela:"Baba nkosi yami nkosi enkulu inkosazana isfikile ekhaya iza nemvula yokukhanyisa. Nkosazana ususekhaya.."

Bamangele bonke okwenzekayo akekho onamandla okubuza kodwa uMlungisi sekayifunde yonke uMduduzi abethandana nodadewabo sonke lesikhathi. Ahle abone nokufana nabo bonke futhi yize kwakunganakekanga.

MaBiyela:"Awuzwakali Ntombela khuluma into eqondile."

Ntombela:"Ingane yenkosi eyabaleka nonina nayi."

Esho ekhomba uGabsile uSambulo abheke uMlungisi

KWAMADLOKOVU🌼

Mandlokovu:"Khuluma mlomo ongathethi manga ngilindile, yini lena ezayo yini lena engifihlelwa yona, ihhoyiiiiii khuluma mamba nakhu usudlile."

Kube nomsindo omkhulu ohambisana nomoya osabisayo ngaphandle aphume uMadlokovu aye kulomfula osemva kwakakhe. Wakha kulendawo eceleni komfula ngamabomu azokwazi ukwenza ubuthakathi bakhe kulomfula. Makavela nayi imamba seyivelile ize ilule intamo ngathi inezinyawo, kudala anayo lenyoka kodwa kwayena inokumuthusa.

Ndlovukazi:"Nkosi yami."

Ipaquze imamba ipaquzise umsila amanzi nawo akhale aze athele kwayena uMadlokovu omele kude.

Madlokovu:"Ufuna umzimba ozowusebenzisa futhi?'

Mamba:"UMDUDUZI"

HAAAAAAAAAAAAAAAA."

Mayivula umlomo kuthi laphalazi ilangabi lomlilo phakathi nomlomo, iphinde inyoka ishaye umfula kubonakale uMduduzi ehlezi emotweni yedwana, kuyacaca nje ukuthi usesikhumulweni sezindiza. Asheshe abuyele endlini uMadlokovu sekajabulile phela abelokhu ehluleka engakhoni ukumthola ngoba umuzi wakoBiyela ukhuseliwe akungeneki. Athathe iphondo lakhe alibeke emlonyeni alishaye....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KuMduduzi nakushawa lephondo liyezwakala kuye ngathi uduze naye uMadlokovu aze avale indlebe ngathi unkenkethelwa ikhanda. Abathe uhabekezela ahluleke lomsindo ungena phakathi kuze kube ngathi ukhala phakathi ebuchosheni bakhe. Alale phezu kwesidilavela makathi uphakamisa amehlo athuke ubhekene nenyoka imamba qobo lwayo ngqo emehlweni.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Besahlahlelene  amehlo nje bezwe ukugumbaza  kwemoto ngaphandle umsindo omkhulu nje ongabekezeleki. Isigubhu kukhala lengoma kuze kuba ngathi kuzamazama amafastela endlu. Basadidekile impela angene uMduduzi sekazikhwice imikhono yalejezi aligqokile.  UMlungisi amangale manje osekwenzakayo.

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU27🌼

UMduduzi makangena ahlangane nento angayilindele uGabsile isthandwa sakhe kanye nesitha sakhe, avele abone uNtombela ukuthi seyimungenile imamba manje, futhi manje ibuye ngamandla.

Mdu:"Well well well emzini kababa kukhona bani?"

Aqonde ngqo kuGabsile osothukile yena besekakhohliwe uMduduzi.

Mdu:"Awuphenduli izingcingo zami."

Sambulo:"My authi ungibizele lo?"

Mlungisi:"Sho my authi."

USambulo athathe isandla sikaGabsile athi uyamudonsa amubambe uMdu kwesinye isandla.

Mdu:"Ngiyakubona unesifiso sokufa. "

Sambulo:"Mlungisi ngizomupitshiza lomfana."

MaBiyela:"Kwenzenjani manje Mduduzi?"

Mdu:"Ungazikhathazi si ofi sami, nangu uGabsile, benihlala nikhuluma ngocingo."

Mlungisi:"Ntombela wema nje."

Ntombela:"Nkosi yami."

ULungile umangele isenzo sikaMduduzi noma uyadlala mhlawumbe ngoba kukhona wonke umndeni, uyazibuza uyaziphendula. USambulo sekacasuke ugqashuka imisipha noMlungisi amubone eme emnyango uNtombela. Kukhale uNduduzo egunjini asuke ngejubane uLungile uMduduzi amubheke azibambe ekhanda ngathi uzwa ubuhlungu. USambulo  sekaqonda emnyango noGabi wakhe.

Biyela:”Ye mfana angazi yini eniyibangayo ninoMduduzi kodwa ngeke ngikuvumele uphume ngalomyango.”

Sambulo:”Baba mangihlala ngizoyibulala indoda yakho phambi kwakho futhi.”

MaBiyela:”Awwwww yehheni kwenzenjani na.”

Mdu:”Uzobulala bani futhi ufunani la, wena asambe kudala ngizulana nawe ungibalekela.”

Agxavule uGabsile ngesankahlu futhi aphenduke uSambulo agxavule uMdu ezifubeni ngesikibha noMduduzi angazibeki phansi babambane ngezimpahla. Babekane iziphongo uSambulo sekudabuka nesikibha emhlane uyafutheka ngoba ethukuthela. Siklezuke sonke ayobangena phakathi uMlungisi bangafuni ukuhlukana. uNokubonga yena sekathukele isthandwa sakhe kuthi sizolimala phela uphakathi kwezilwane ezingabantu.

Nokubonga:"Mgazi bayeke bazokulimaza laba."

Ntombela:”Buthelezi bhonga lento izoshingila.”

Akekho omuzwayo bagqolozelene bayasunduzana noMlungisi phakathi sekuwe netafula, uNtombela asondele ngakuSambulo.

Ntombela:”Bhonga Buthelezi lomuntu akekho ezinqondweni zakhe izosaba lento ekuye.”

Mdu:”Uzofa namuhla kabhlungu futhi uGabi uthi mina lo. Bengithi ngiyakudedela uhambe ungenanxeba kodwa ngathi uthanda ukuzenza usgansonso.”

UMdu aphose isibhakela kodwa amubambe uSambulo bese umugxavula entanyeni, akhale umaBiyela abeke izandla ekhanda.

Ntombela:”Buthelezi muyeke akusunguye lomuntu.”

Biyela:”Mfana yekela indodana yami MANJE.”

Kufane nje uSambulo sekahambaze emhlane uMdu sekahle uveza amehlo amhlophe.

Gabi:”Uke umbulale Sambulo uke umbulale, ngizokhohlwa ukuthi ungumyeni wami.”

Amuyeke bonke sebaphefumulela phezulu ngenxa yokusaba uMduduzi akhohlele kancane afune ukubuyela.

Ntombela:”Buthelezi ngicela wenze lokhu engikushoyo.”

Abhonge uSambulo bonke bamangale ikakhulukazi laba abamaziyo, nasebusweni akubonakali nokuthi ungubani, kwayena azimangalele ngesingaye abethi uyamemeza.

UMduduzi azivale izindlebe adiyazele acishe ukuwela kulammabhodlela etafula eliphukile asondele uLungile azifake phansi kwakhe uSambulo bese uyababamba bobabili ngoba ebona ukuthi uLungile uzolimala ngeke abe namandla okumuvimba.

Naye uLungile sekamanzi into ayigqokile esifubeni ukukhala, akazi nje ukuthi kwenzakalani kepha uyamubona umngani kamfowabo uSambulo. Uyazibuza futhi kungani asuke azolwa noMduduzi wakhe akakhoni ukuqonda nje yini le eqeda kwenzeka yena anesiqiniseko ngako ukuthi uthanda uMduduzi futhi uzimisele ukuba isitha nakunoma ubani oyisitha sesthandwa sakhe.

Sambulo:”Muyeke Lungile suka.”

Baphinde bamangale abazali bakaMduduzi ukuthi umazelaphi uLungile kanti loButhelezi ungubani kahle kahle.

Lungi:"Cha bhuti wena muyeke awuboni ucishe wamubulala."

Avele afunde kwezakhe ukuthi uyamuthanda, amususe ngasezingilazini naye uMdu sekalahle nomzimba uLungi umani uba nenkani ngeke amukhone. Amulalise kahle phansi uSambulo, asondele kuye uNtombela amubheke akasalwi manje sekabhocobele.

Ntombela:"Kuzomele ngihambe naye lento ngeke ikhipheke kalula njengaseqaleni."

Biyela:"Yenza,okubonayo Ntombela."

Ntombela:"Nginikeni ingubo abembese ngayo ngaphambi kokuthi ahambe ingubo beyimuthinte umzimba wakhe."

MaBiyela:"Ngizayilanda."

Athuke uLungile makacabanga lokhu bebakwenza baze baziphinda bebangambesanga, alandele umaBiyela bangenisan egumbini. Umuntu omdala axakeke nje ngoba izingubo ziphansi umbhede ushwabene aphakamise amehlo afice uLungile enamahloni aswele nomgodi wokucasha.

MaBiyela:"Benimbese ngayiphi mntanami?"

Lungi:"Besingambesanga ma."

MaBiyela:"Kukhona abantu abangambesi kubanda kangaka."

Aziqunge uLungile kuncono makazisa umawakhe kuphela kunalabantu abagcwele ikhishi. Amemeze uNtombela besabhekene emehlweni, kubekhona okokodayo ngaleso sikhathi baphume futhi bangakaqedi ingxoxo yabo. Sekungubani lo ngalesikhathi babone ngoNtombela izindebe zivakashela izindlebe uyamoyizela eyovula umnyango.

Angene umamkhulu bamangale bonke okokuqala wazi ngani la ngoba akakaze eze, umaBiyela axege amadolo makabona owesifazane omuhle ngalohlobo kwakhe ongaba untanga wakhe. Amehlo asheshe aye kumyeni wakhe amufice amangele naye njengawowonke umuntu osendlini kubande amathumbu kumaBiyela isikhwele.

Atanase umamkhulu aqonde kwindodana yakhe engakehlisi umoya kahle ayibambe ebusweni.

Mamkhulu:"Nomsa letha amanzi."

Aphumele phandle abuye futhi ngokushesha angabingeleli angabheki muntu futhi yibo bonke abamubhekile. Nokubanika kuthulile manje, avule amanzi wakhe asesigubhini esingamalitha amahlanu afake umuno afunze uSambulo lomuno onamanzi amthontele olwimini. USambulo akazi ukuthi kungani amufunza amanzi kepha uyamuthemba umawakhe. Akhulume noSambulo.

Mamkhulu:"Nguwena wedwa onamandla okubulala lento ndodana, usizo lwakhe lukuwe nenkosi encane."

Avume ngekhanda uSambulo.

Mamkhulu:"Nomusa ngikhiphele izinkomisi ezinhlanu."

Aguduze emakhabetheni abantu uMusa aze awathole awakhiphe umamkhulu  athele lamanzi kuwo, athathe elilodwa asondele kuBiyela. Amunike ngezandla zombili umaBiyela afuthelane kakhulu kodwa azibambe amukele uBiyela ngezandla zombili.

Mamkhulu:"Nkosi yaseMgazini phuza ushiyele indlovukazi yakho enhle niwaqede kungasali neconsi."

Athathe amanye anikeze uMlungisi.

Mamkhulu:"Nkosi Menziwa phuza ushiyele indlovukazi yakho kusasa makusa thumela abantu kubo wena lempi kumele uyilwe senishadile, amandla akho axhumene naye akudliwa mahhala nkosi yami."

Avume uMlungisi abheke isithandwa sakhe esididekile ngalento eqeda kwenzeka futhi manje okumdida kakhulu kungani abizwa ngenkosi benobaba wakhe. Athule nendideko yakhe uzabuza ubani.

Umamkhulu anike uLungile amubheke kuqala amubhekisise abone lonke usizi lwakhe abone nokuthi lwenziwa ubani.

Mamkhulu:"Kuningi kuseza mntanami guqa phambi kwakhe umuphuzise kuqala bese nawe uyawaphuza, uphuzise nendodana yenu."

Ngempela enze njalo amunike aguqe phansi amuphakamise ikhanda kancane amuphuzise aphuze naye andlulisele kuNduduzo ozidlalela celeni kukayise. Amanye awanike uSambulo baphuze benoGabsile amanye aphuziwe uNtombela. Aguqe phambi kwaMduduzi amubheke.

Mamkhulu:"Ngiletheleni ingubo abembese ngayo lento ingakamndeni."

Nayi lendaba futhi umaBiyela abheke uLungile bahambe futhi baye egumbini belandelana, aze abalandele umamkhulu angene babhekene emehlweni makabona isimo afunde kwezakhe. Umamkhulu sekabonile futhi ukuthi indlovukazi ayimamukelanga ngokuphelele.

Mamkhulu:"Abembese ngawe ndodakazi beniganga?"

Abheke phansi uLungile.

Mamkhulu:"Izingane zamanje nginike iphenti obuligqokile noma ubra."

Bathuke bobabili baze babhekane amoyizele umamkhulu.

Mamkhulu:"Ndlovukazi kufuneka la kunomjuluko wakhe awujulukile asezingqondweni zakhe kahle, kuphela kwento ezomubuyisa ngokushesha. Iphenti likahle futhi lizomuphangisela ngoba

ugcine ematasa ngalo. Kumele bambeswe bobali futhi iphenti libesezandleni zakhe. Lento engene indodana yakho isaba uthando lweqiniso izoziphumela yona. Kuzokwazi thina sobathathu kuthi uvuswe ngani.”

Amoyizele umaBiyela anikine ikhanda babheke uLungile osomabokoboko amahloni.

Lungile:”Ngiphinde ngakugqoka ma masivuka.”

Mamkhulu:”Khumula unginike.”

Angazi noma akhumule iphenti noma ubra afake isandla phansi kwesikibha ingakhumuki aze akhumule isikibha aziqhaqhe ubra amubheke umamkhulu kwanaye kube ngathi uyamangala, amunike bese uyagqoka uyaphuma amahloni azitika ngaye.

Mamkhulu:”Cebile inhliziyo yenkosi ikuwe, nami inhliziyo yami ikomunye osadukile la ngilethwe umsebenzi wami. Amadodana akho kumele alethe ukukhanya kulomuzi ngiyazi ngimuhle nami ngiyazithusa kwesinye isikhathi kodwa lokho into engabalulekanga, mina nawe sizobayizihlobo kungekudala nje.”

Naye aziswabele umaBiyela.

MaBiyela:”Lento yenziwe nguyena uBiyela mangizwa ukuthi abengishendezelela kwaze kwaba nengane kungilimazile.”

Amubhambathe ehlombe baphume bonke sebamangele ukuthi ababuyi ngani ngoba babalindile. Babuye sebalandelana uSambulo sekakahle manje nenqondo ibuyile.

Mamkhulu:”Umfana uzovuka lento emungenile isaqulekile nayo kepha izophuma kungathatha amalanga kodwa mina ngifuna isheshe kukhona engizokwenza . Laba abanamakhanda athambile bazoyibona lento mayiphuma mangabe uyazazi ukuthi ubuthaka usaba konke hamba uyolala manje.

Angifuni umuntu ozomemeza lesilwane masivela ngoba sizothola indawo kuwe sihlala kamnandi la ekunovalo khona. Mgazi umfowenu kube ngiyamuyeka la izothi mayiphuma lento abe asemehlweni ethu kodwa indlela okumele ngimulalise ngayo nami ingifakela amahloni kuncono makuba sekusithekeni.

Biyela:"Sekudlaliwe ngengane yami kwanele ngicele uyenza leyonto khona la asheshe ukuvuka."

Abheke umaBiyela noNtombela.

Ntombela:"Isimo esinzima kuncono la emehlweni ethu maZwane ngale ekusithekeni ngisaba maseyiphuma lento izokhala lengane, wonke umuntu ola mudala."

Mamkhulu:"NaBaloyi letha lengubo ephansi zibe zimbili."

Akulande anikeze umamkhulu eyodwa ayindlale kahle phansi phakathi nendlu ayifafaze kancane ngamanzi akhe.

Mamkhulu:"Sambulo mulaliseni phezu kwayo."

Benze njalo bese ubheka uLungile.

Mamkhulu:"Lala celeni kwakhe mntanami."

Amangale uLungile abheke ubaba Mduduzi.

Mamkhulu:"Kukuwe ngeke ngikuphoqe ubaba wezingane zakho ungenwe isilwane esisaba uthando wena mawuduzane kwakhe ngeke sibe namandla, masiphaphama la phakathi kwakhe sizosha, kanye nomkhuleko uzoshesha ukuvuka. Uma kungavumi kuthi ulale duze naye kuzomele ngihambe naye ngibuyele emuva, angabuya kudala kuwe angafica nengane seyivelile izigijimela."

Agobe lapho amahloni amuqedile yena ufuna isthandwa sakhe sisheshe ukuvuka alale duze naye abembese umamkhulu afake lobra esandleni sikaMduduzi.

Mamkhulu:”Baloyi ngicela ube nesibindi mawungavumela uvalo ngeke aphinde avuke uMduduzi, makasaqala ukukhuhluzeka umubambe mawuzizwa ukuthi usaba kakhulu ungavuli amehlo akho ucashe ngaye kepha umubambe ngathi ninodwa ukhohlwe yithi, siyezwana?”

Lungi:”Ngiyezwa ma, mama ngicela ungibhekele uNduduzo.”

Bonke bamuzwele uLungile uyayithanda indodana yakhe akakhoni nokuzenzisa.

MaBiyela:”Lala Lungile awufi sesi angithi yini.”

Azigubezele uMlungisi iyamuhlekisa yonke lento kodwa angahleki makabheka uSambulo naye amoyizele bamoyizelelane, abone sekaxolile umngani wakhe.

Ntombela:”Okunye nakhu okusalayo engikushilo azange kunakeke ngenxa yalento eyenzekile, Nkosi yami.”

Asindelwe uNtombela abheke umamkhulu.

Ntombela:”Ma.”

Mamkhulu:”Gabsile isimo sakho wakuchazela uSambulo angithi?”

Avume ngekhanda uGabsile uzwe kahle ukuthi uNtombela utheni mabafika la, naye wazibonela makabhekisisa uBiyela kanye namadodana akhe. Asathandana noMduduzi baningi kabi ababesho kuthi bayafana bona bazitshele ukuthi kwenziwa ukubandawonye isikhathi eside sekungathi bayafana. Ahle akhale umamkhulu angakachazi phela manje kunzima kuye ukuthi ubabakhe abemuzingela afuna kumubulala aziyele kuSambulo wakhe ome celeni kwaMlungisi azihlohle ezingalweni zakhe.

USambulo yena akakacacelwa kuthi kwenzakalani naye uMlungisi, kepha uBiyela uvele wamubona angena ukuthi nayi inkosazana yakhe manje uthuliswe ukusaba inkosikazi yakhe.

Gabi:"Mamkhulu ungangitsheli."

Mamkhulu:"Ngizokutshela kuthi sindlule kulento sesi."

Gabi:"Sambulo muthulise ngiyakucela."

UGabsile usesaba ukuthi uzokhuluma lento ayishalazelelayo umamkhulu ababheke ngoba bebambene phambi kwabo.

Mamkhulu:"Sambulo nishadile ngingazi mina?"

Bathuke ngalokuganga abakwenza abakatsheli muntu futhi bebangazimisele ukukhuluma,bona bazitshela ukuthi bazolobolana benze konke eyomshado ngeke bayixoxe. UBiyela abheke uSambulo kepha akanawo amandla okukhuluma manje.

Sambulo:"Ngiyaxolisa ma ilempi besiyibaleka bengifuna angabi namandla uMduduzi angakhoni kumthatha, ngiyaxolisa mama sibi isenzo sami."

UNokunonga umangala ukuthi umbiza mama ekubeni abemubiza mamkhulu abuye akudlulise lokho.

Mamkhulu:"Cebile ngicela uxolo ngalokhu engizokusho."

Amubheke umaBiyela.

Mamkhulu:"Indodakazi yomyeni wakho le ayithola nonaNdlovu owayeyisisebenzi sasebukhosini wabaleka nayo. Kubhlungu ngoba nakhu usethandane nomfowabo okumnandi ukuthi azange bafike kwezocansi. Nkosi yami nayi indodakazi yakho, ungazijezisi ngalokhu owawufuna

ukukwenza ngoba mawuthi wenzela ubukhosi nesizwe. Gabsile ujezile ubabakho kakhulu mntanami walahlekelwa okuningi yehlisa umoya manje ungalinge futhi uze ulale naleyo ntukuthelo.

Kumele nisize uMlungisi benoNokubonga kulempi ezayo mntanami. Masokahle uhambe uye kubabakho nenkosikazi yakhe uguqe phambi kwabo ubatshele ukuthi usubuyile ekhaya bakwamukele. Ungazondi futhi ukuthi ubuthandana nomfowenu ngoba indlela bekumele nihlangane ngayo okudaliwe ngeke kwashintshwa."

Gabi:"Sambulo ngicela ungisuse lana ngiyacela."

Mlungisi:"Iya naye ngale bafo, ukhiyile Nokubonga?"

Nokubonga akhiphe ukhiye amunike baphume mabafika langaphandle amuphakamise uMlungisi ahambe phambili abavulele bese ufaka ukhiye ngaphakathi.

Sambulo:"Ngiyabonga my authi."

Mlungisi:"Sho."

Abuyele endlini makangena amehlo akhe abheke kumfowab ozilelele kamnandi nje, uLungile usabhekile uNduduzo sekagone kumkhulu wakhe. Asukume umaBiyela aye egumbini labo amulandele benoNduduzo afike avale umnyango.

Biyela:"Ngiyaxolisa ndlovukazi yami nginamahloni kakhulu futhi."

MaBiyela:"Okungizwisa ubhlungu kakhulu ukuthi indodana yami icishe yalala negasi layo ngenxa yakho Nkosana."

Athuke bandla uBiyela sekabizwa ngegama into agcine ukuyenza baseyintombi nesoka, ahlale phezu kombhede.

Biyela:"Ngenzenjani kuthi ngilungise ndlovukazi yami."

MaBiyela:”Mawubona umawakhe usazomuthanda na?”

Biyela:”Angikaze ngimuthande kwakuwukuganga nje, futhi wawuqeda ukuthola uMduduzi uyakhumbula wagula kakhulu nami ngahluleka ukuzibamba ngavumela inyama.”

Adonse umoya umaBiyela asondele kuye uBiyela amubambe isandla makabona ukuthi akalwi amusondeze kuye amuhage.

Ngale endlini kaMlungisi.

Sambulo:”Ungasakhali manje uzozigulisa sthandwa sami.”

Gabi:"Sambulo bengithandana negazi lami yini kona loko ngenxa yezimfihlo.”

Sambulo:”Izimfihlo zihlala zikhona sthandwa sami ungavumeli le ikulimaze, lixolele ikhehla.”

Gabi:”Mina ngifuna ukuhamba la Sambulo.”

Sambulo:”Kumele ngisize uMlungisi Gabsile athole ubukhosi bakhe, ubukhosi bakini sthandwa sami.”

Gabi:”Mina ikhaya lami likuwe manje alikho elinye, ngihambise mangabe usafuna ukuhlala la.”

Sambulo:”Ngeke ngikuphoqe mawungakabi kahle kuthi uxolele ubabakho kodwa ngicela ucabangele uNokubonga. UMlungisi ngeke abekahle makangayinqobi lempi kuzobabuhlungu kuye, makubuhlungu kuMlungisi usesi wami ngeke abekahle, bayathandana labantu.”

Gabi:”Namuhla ngicela ukubaselfish kancane ngilalele imizwa yami please Sambulo.”

Amuwolele kuye uSambulo amucabuze futhi eside isikhathi.

Sambulo:”Ngiyakuthanda ngifuna ujabule sizohamba siyovalelisa ngale.”

Basukume babuyele emuva mabangena nje amehlo kaGabsile ahlangane newamaBiyela amuzwele ngoba uyamubona amehlo abomvu kungenzeka bekasakhala . UBiyela ubhocobele naye uSambulo yena ubheke uMlungisi uzwa aba namahloni okuthi sekangamujikela kanje. UGabsile abheke uSambulo emehlweni bese usondela kuBiyela aguqe phambi kwabo.

Gabi:"Baba ngikhule kahle kepha bengisibakelwe ubumnyama impilo yami yonke, kuyimanje angazi kube ngikuphi ukube azange ngithandwe uSambulo. Inhliziyo yami ibuhlungu ngoba azange ngazicelela ukuvela ngalohobo. Ngibuyile ekhaya kodwa manje ngizoba yingane futhi uma umama engivumela."

MaBiyela:"Isimo esinzima lesi Gabsile kodwa sesila akukho esingakwenza ngeke ngikuvimbele ekutheni uzwe uthando lukababa wakho."

Akhale uGabsile abeke isphongo sakhe edolweni likaBiyela ajabule umntomdala abeke isandla sakhe ekhanda bese umuphakamisa ubuso kuthi babhekane.

Biyela:"Ngiyaxolisa mntanami."

Avume ngekhanda uGabsile amuhage abuye ahage nomaBiyela bese ubuyela kuyise futhi.

Biyela:"Unosesi omncane nakuwe uNtwenhle igama lakhe uyaphapha, ufana nawe nje."

Mlungisi:"Manje mina angiyitholi ihug njengobhuti wakho?"

Bahleke asukume ayomuhaga naye aphinde abuyele kuBiyela futhi.

Ntombela:"Sesilinde ukuvuka kwendodana lomndeni sowunamandla manje nibambene. Lempi sizoyihlangabeza ngothando olugcwele la ngeke silunge lesitha kuphelile ngaso manje."

Bavume bonke bahlale sekuyoshaya ihora lesithathu intathakusa manje, kuthi abantu benganakile uMlungisi asukume aqonde kuSambulo uhlezi celeni kwaNokubonga bayazixoxela nje.

Amukhe ngesibhakela esikhulu bathuke abantu sekwenzenjani manje, aphume igazi ngaleso sikhathi uSambulo anikine ikhanda abheke eceleni.

Mlungisi:"Ushade ingane kababa ngaphandle kwami, uthandana nayo."

Azame kumuphinda amubambe uSambulo baphushane lapho.

MaBiyela:"Mlungisi kanti yini manje?"

Umamkhulu amoyizele.

Mamkhulu:"Nguyena owamusukela wamushaya makathola ukuthi uthandana nosesi wakhe."

MaBiyela:"UNokubonga usesi kaSambulo?"

Mamkhulu:"Kunjalo?"

Bamangale laba bangayeki ukuphushana baze bazidelele bona bayekane.

MaBiyela:"Kuyenziwa kodwa lokhu?"

Mamkhulu:"Mina angiyiboni inkinga angazike ukuthi izinto zenziwa njani ngapha."

Ntombela:"Ayikho inkinga imindeni iyaganiselana lokho kwakha nobumbano nje emndenini."

Besazixoxela nje aqale anyakaze uMduduzi kepha usacimezile aye akhuhluzeke kakhulu amubambe uLungile njengokutshelwa umamkhulu...

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO  YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU28🌼

KWABIYELA🌼

UMduduzi aqale ahluthuleke kancane kuze kube kakhulu uziluma nolwimi, uLungile makabona sekaphuma igazi afake isandla sakhe phakathi komlomo kuthi angakhoni kuziluma alume yena.

Aphenduke amehlo aMduduzi umamakhulu noNtombela sebagobile duze naye uyakhuleka mamkhulu uNtombela ucosheme nje ugade kuthi ayibambe. Akhuhluzeke aze alahle umzimba iphume imamba ngathi iphuma esifubeni kodwa asivulekanga kwaleso sifuba.

Maseyiphelele igoqane phansi ngathi iyasha ingahlaliseki kahle ilokhu itswininiza, mayithi iphakamisa ikhanda ayithele ngamanzi umamkhulu iphinde iquleke ayithwale uNtombela ayihlohle epulastikini elimnyama, alifase phezulu.

Mamkhulu:”Uyoyenzani lemamba?”

Ntombela:”Ngizoyicoba ngiyithumele kumnikazi angikhulumi ngomadlokovu ngisho inkosi mbumbulu.”

USambulo babhekane banoNokubonga kanye noGabsile.

Sambulo:”Baba mawuthi uMadlokovu usho lo wesandla esisodwa?”

Ntombela:”Yena kanye, umazelaphi?”

Babhekane futhi.

Sambulo:”Sikhule ekhaya kuhanjwa yena indawo yakhe ingasemfuleni njena.”

Mamkhulu:”Iseyinde indlela mndeni.”

Avule amehlo uMduduzi kube ngathi ayaluma futhi kodwa akhone kubheka makabona uLungile sekahlezi ngezinqe celeni kwakhe yena ulele amoyizele aphakamise ikhanda ngokushesha. Indlu igcwele abantu angabazi, amehlo akhe ahlale kuGabsile uyamubona ukuthi uGabsile kodwa uyadideka ukuthi ufunani la.

Aphakame kube ngathi ubanjwa isiyezi azibambe ekhanda, amubambe uMlungisi, bese usukumisa isthandwa sakhe. Abheke lesandla esophayo amangale azame kusisula.

Mdu:”Kukhona into eyenzekayo la engingatshelwa ngayo.”

MaBiyela:”Buya uzophumula mfanami konke sekukahle manje.”

Mdu:”Kwenzakalani?”

Mamkhulu:”Wena ukhumbulani?”

Athule ngathi uyacabanga.

Mdu:”Bengithunywe uMlungisi kuyolanda umngani wakhe esikhumulweni sezindiza.”

Mamkhulu:”Akukho okunye?”

Mdu:”Cha.”

Aphinde abheke uLungile ezandleni abuke nalezingilazi zetafula phansi.

Mdu:”Uphi uNduduzo?”

Lungile:”Ukahle ulele.”

Makaphakamisa isandla uthandeleke ngobra uyawubona owakaLungile kodwa uyamangala ukuthi ufunani la. Afake izandla esikhwameni nawo akhiphe isandla sesisodwa ubra sosele ephokothweni. USambulo babhekane benoMlungisi bafuna ukuhleka kodwa ngeke baqale.

Biyela:”Ndodana akukho nokukodwa okukhumbulayo?”

Mdu:”Akukho baba.”

Mamkhulu:”Wazi bani la?”

Ababheke bonke.

Mdu:”Abazali bami, ubhuti wami uMlungisi noGabsile kanye noLungile ohhh nosisi Nokubonga naye bengiqala kumubona manje bese nobabNtombela.”

Mamkhulu:”Kulungile ndodana ubaba uzokuchazela isimo sakho noGabsile.”

Mdu:”Ngiyezwa ma.”

Mamkhulu:”Mgazi usakukhumbula engathi kwenze kuqala ngaphambi kokuyolanda isihlalo sakho?"

Mlungisi:”Ngiyakukhumbula ma.”

Mamkhulu:”Nomusa asambe.”

Nokubonga:”Uyolala kuphi mamkhulu?”

Mamkhulu:”Ngibuyela emuva mntanami kumele ngiyotshela uyihlo ukuthi bayeza abakwaBiyela.”

Achazeke uMlungisi nakhu ezoba nenkosikazi ayithandayo, avalelise umamkhulu amulandele uSambulo.

Sambulo:”Mama awucabangi ukuthi utshele uNokubonga manje?”

Mamkhulu:”Ngizomutshela emva  kwamalobolo wakhe mangingamutshela manje uzothukuthela angafuni nokuthi alotsholwe kubabakhe. Mina ngifuna izindlela zenu zivuleke kahle.”

Sambulo:”Ushayele kahleke ma, kodwa bengicabanga ukuthi uzohlala nathi kuze kuphele impi.”

Mamkhulu:”Ngikutshele iqiniso akukho la engikhona ukulala khona izingubo ezinemibala bala ziyangihlula ngifuna ukotini omhlophe.”

Sambulo ahleke idrama eyenziwa umawakhe.

Mamkhulu:”Ungakhohlwa ukuthi nawe usekhweni lakho la ungakhululeki kakhulu, ngibone iso lenkosi kuwe liyakhuluma.”

Sambulo:”Ngimubonile, ngizozwa ngoMlungisi kuthi sizokwenzenjani.”

Bavalelisane uNokubonga ubabhekile yize angabezwa ukuthi bathini kodwa lokuxhumana kwabo kuyamumangaza ikakhulukazi manje sebasondelene kakhulu. Abuyele endlini sebasusile izingilazi  phansi uGabsile bahlezi kusofa nobabakhe babhekene emehlweni akazi bakhuluma ngani. UmaBiyela umatasa naye ngezitsha.

Sambulo:”Mama ngiyaxolisa ngokubonisa  ukungabi nekhanda kwakho.”

MaBiyela:”Ungazikhathazi ndodana kumele niyophumula bekuwubusuku obude.”

Sambulo:”Mama mina angifuni ukulala ngiyithandile lendawo ngisafuna kuyibona kuqala.”

MaBiyela:”Sengiyabona yini le enihlanganisile ninoMlungisi niyinto eyodwa nje, hambani nodwake nishiye lamantombazane ami aphumule.”

Kuqhamuke uMlungisi

Mlungisi:”My authi ngisafuna ukuyobheka abafana bami la erenkini.”

Sambulo:”Ngihamba nawe ndoda.”

Mlungisi:”Kumele siye eKappa kuyofuna loCleo.”

Amubheke uSambulo.

Sambulo:"UCleo umama wengane?"

Mlungisi:"Uma washo njalo waboniswa igama kuphela nokuthi uhlala khona."

Sambulo:"Nami kukhona uCleo engimaziyo sizoqala ngaloyo, yazini ithi ngitshele uGabsile basibhukhele sizohamba. Mina ngifuna ukushada lento seyindlulile."

Mlungisi:"Ndoda angazi uzobona kanjani kepha bengicabanga ukuthi sibashiye ngoba angazi yini esiyokufica le."

Sambulo:"Uqinsile my authi, ubabakho akakaqedi kubhekana nesthandwa sami emehlweni ngizovalelisa kuqala."

Mlungisi:"Ungabaphazamisi nami ngibabonile kudeep ubaba kudala azishaya ngalendodakazi yakhe."

Sambulo:"Yazi angazi kungani benginganaki uGabsile unalezindlebe ezicijile zanogwaja nawe unazo nonke niyagwajazisa nje."

Mlungisi:"Uyanya ndoda ngizokuphinda futhi."

Bahleke uSambulo aphakamise amehlo afice uMduduzi ababhekile ngathi ufuna kuza kubo.

Mlungisi:"My authi intwana yami le khulula umoya akasinjalo."

Sambulo:"Lentwana yakini yangidlisa ukudla kwami kabhlungu asigijimisa yonke lendawo."

Mlungisi:"Utshela mina loko, uyazi usezweni lami."

Bahleke futhi.

Sambulo:"Mubize bese uyasishiya kancane, intwana yakho eyami my authi."

Mlungisi:"Isitha sakho esami sho ndoda, Mdu sovukile?"

Asondele kancane ulokhu ubuka uSambulo aphinde abuke ubhuti wakhe.

Mdu:”Benginilinde nikhulume niqede ngicela kukhuluma nawe.”

Mlungisi:”Ngilinde kancane ngiyabuya.”

Abashiye vele.

Sambulo:”Ndoda awungikhumbuli mina nakancane?”

Mdu:”Angikukhumbuli kepha nginento ngathi awungizwisisi kahle angazi noma ngibona okungekho kahle.”

Sambulo:”La emhlane usenayo ithathu umubhalo?”

Mdu:”Nginawo ungizwisa ubuhlungu lombhalo ngoba angiwazi ngawenza nini.”

Sambulo:”Ipast ayibalulekanga kangako uzokhumbula kancane kancane okubalulekile ikusasa.”

Mdu:”Kudala ungumngani waMlungisi?”

Sambulo:”Siqeda ukubonana nje asikahlanganisi nonyaka .”

Mdu:”Indlela enizwana ngayo iyamangaza ngathi umuntu nomfowabo.”

Sambulo:”Nawe ungazwana nathi sizokuvikela ukhawule nokufaka amabra emaphokothweni”

Agegetheke uMdu futhi isasekuye akakayikhiphi.

Mdu:”Ngiyabonga, ngiyaxolisa ngengike ngakwenza kuwe noma ngakusho lokhu okwenza ukuthi ungangithandi.”

Sambulo:”Seyindlulile ungasazikhathazi ngako.”

Baxhawulane uBiyela ubabhekile baze bahagane.

Sambulo:”Wena noLungile?”

Amoyizele uMduduzi

Mdu:"Angazi ngisemathandweni I guess."

Sambulo:"Ungadlali ngaye ubhuti wakhe ungumngani wami."

Mdu:"Ngathi ukhona yonke indawo nje."

Mabahleka abayeke uBiyela uyabona ukuthi bakulungisile futhi uyabona amandla akhe akuSambulo yingakho elokhu emubheka. Abuye uMlungisi bagibele emotweni noMduduzi asale ehamba nabo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

Sekusile uScelo noThemba bavuke badla mabasazilungisa umama Themba naye aqhamuke sekagqokile.

Themba:"Uyaphi ma sozikhiphe ifiga nje?"

MamBaloyi:"Ngihamba nani ndodana akumelanga uScelo andlule kulento eyedwa."

Scelo:"Ngiyabonga ma kusho lukhulu kimi lokho."

MamBaloyi:"Asambenike bafana."

Baphume uThemba uyabona nje ukuthi umuthandile umawakhe uScelo aze amusukumele phansi.

Themba:"Mama uLungile uvakasha nini kanti selokhu ahamba nje."

MamBaloyi:"Eyyy ndodana yazi kunento okumele ngikutshele yona mayelana nokuhamba kukaLungile engingazange ngikutshele kona."

Athule umama Themba acabange phela ngenxa yokusabela impilo yendodana yakhe azange amutshele iqiniso ngokubulawa kwababakhe nokudlwengulwa kukaLungile. Bekazi ukuthi uThemba nomngani wakhe uSambulo bebazobafuna labantu kusuke impi nje engeke ibuyise umyeni wakhe.

Themba:"Yini leyo ma?"

MamBaloyi:"Hayisuka uthanda izindaba ngizokutshela ngesikhathi sami."

Themba:"Hawu ma nguwena ongisukele manje sosho nje."

MamBaloyi:"Asiyeni esibhedlela kuqala."

Bafike sekuyisikhathi sezivakashi vele mabaqhamuka nje kungena bodokotela ababili bayagijima ewodini lakhe, inesi nalo liqhamuke ligijima nomshini othile uyawuphusha unamasondo, nalo liyagijima liyongena ewodini likaThandazo. Abalandele naye uScelo bamuvimbe makumele angene kodwa ezwe abakushoyo phakathi.

"1 2 clear."

Kuzwakale kuthi gqush kuphinde futhi bese kuyathuleka.

Phakathi:"Time of death."

Elinye iphimbo:"10:10 dr."

Aphanjanelwe ikhanda uScelo alwe azame kungena kuzo kuvume omunye udokotela.

"Let him in its fine."

Makaphunyuka nje ezandleni zamasecurity aliphushele le angene aqhamuke omunye ususa umshini emzimbeni wakhe bamuqhaqha nedrip. Asondele egijima.

Scelo:”Nomthandazo mana wenzani, Dr kwenzakalani?”

Dr:”We are sorry sir uqeda kusishiya futhi asiyicishanga kwaleyo mishini uzithulele yena.”

Angamulaleli uScelo ayomubamba isandla asibeke ebusweni bakhe ngempela makamubheka uzithulele nje amuqabule izindebe zakhe.

Scelo:”Ufuna ngenzenjani Thandazo ungishiyelani kulelizwe elinzima kanje.”

Ahlale lapho akhale angamemezi kodwa zehle njalo izinyembezi, uThemba nomawakhe bangene emva kwesikhathi. Amubambe ehlombe umamBaloyi uThemba akazi nokuthi athini.

Scelo:”Indodakazi yami izokhula ingenamama ingenagogo kodwa Thandazo nhliziyo yami ungenza nje, buka mama mubuke uyophumula yena.”

MamBaloyi:”Muyeke ayophumula mfanami kwazi bani hleze bekangeke asaba kahle iNkosi iyazi.”

Scelo:”Cha mama iyazi kodwa akavimbi ngani lezinto zingenzeki nhlobo. Ngizothini mina enganeni yami kwamina anginabani.”

MamBaloyi:”Indodakazi yakho inawe, wena kumele uvuke uzithintithe nathi sikhona mfanami ngizoba ugogo wakhe. UJehova uhlala enecebo.”

Bamushiye nesidumbu sesithandwa sakhe emva kwehora aphume enze amalungiselelo.

Scelo:”Ngisayobheka ingane yami ngiyabuya.”

MamBaloyi:”Ngizohamba nawe ndodana.”

Bangakafiki.

MamBaloyi:”Kumele uyobazisa kubo ndodana.”

Scelo:”Ngizoya yize ngazi ukuthi abanandaba naye.”

Mabangena ewodini lezingane bamufice ephuziswa ubisi ngento encane uphuziswa uDr.Biyela umugone kahle uyakhuluma naye futhi.

Scelo:"Lodokotela ufunani kithi kanti?"

MamBaloyi:"Wenza umsebenzi wakhe ndodana asimulinde aqede."

Kungene omunye unesi.

Nesi:"Dr. ungangitsheli ukuthi selokhu ufikile la awukahambi, yini kanti ngaleyongane."

Dr.Biyela:"Ilulama kahle yona yimina nje omuzwelayo bantu."

Makaphakamisa amehlo uDr umamBaloyi noScelo bangasemnyango amubeke phansi kahle amumbese bese uyaphuma. Nabo ababingele abandlule bamubheke.

MamBaloyi:"Nasi ispinakop sodokotela sikhona yonke indawo, bangene bayoyibheka.

UThemba ngale sekashayele noSambulo amubikela kokwenzekayo ngoScelo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EKappa🌼

uBudayza uhlezi nesithandwa sakhe bazipholele nje.

Buda:"Yazi uMduduzi selokhu ahamba asikakhulumi, mangimufonela ukhuluma ngendlela engingayijwayelanga."

Cleo:"Umkhozi wakho  kumele ngabe uyazi ukuthi unekhanda elingasebenzi."

Buda:"Phela isikhathi siyahamba ngeke silokhu silinde yena uKhans uyafuneka, nawe angikuboni okwenzayo lapha."

Cleo:"Abakhulumi ngezimfihlo zabo awufuni angithi ngisejuze uKhans uthanda amantombazane ngiyamubona indlela asibuka ngayo masikwakhe."

Budayza:"Mina ngihlulwa umthetho noMduduzi ungenzele kancane."

Cleo:"Awuyeke nawe kuthembela kwenye indoda unewakho amandla asizihlanganisele noma uyeke vele mina kuyangicasula lokuthi uyisithunywa sikaMduduzi ngifuna uzimele."

Budayza:"Uyazi imali engingayenza phela umamba uyakhokha mawumenzela lokhu akufunayo, manje mangingakhona ukungena kulewharehouse yabo ngizobe ngiqedile."

Cleo:"Kungani wena ungavunyelwe ukungena kanti kudala uyimamba?"

Buda:"Kungenwa ngegazi lapha lemamba mayikubona noma ikuzwa usemandleni uyangenziswa."

Cleo:"Manje uMduduzi nalaba abanye abangenayo kusho ukuthi banegazi elinamandla?"

Buda:"Yebo."

Cleo:"UMduduzi ngoba anegazi elinamandla kusobala nengane yakhe inalelo gazi."

Buda:"Kungenzeka kodwa  ngingamtholaphi umntwana wakhe ngoba akanayo noma kutholakale isihlobo sakhe. Mana unosesi uMduduzi osekolishi kaningi kabi angithuma kuye."

Cleo:"Uyabona manje ucabangisa okwendoda, thola losesi wakhe, mina ngazi nengane yakhe yomfana naye noma ungamthola."

Buda:"Ngempela ikuphi leyo ngane?"

Cleo:"Yathathwa uKhans athi uzoyisebenzisa ngesikhathi esikahle."

Buda:"Wena wazi ngani indaba yomntwana?"

Cleo:",Bengingacabangi  ukuthi ingabalulela lengane."

Buda:"Manje sizoyithola njani?"

Cleo:"Mina ngazi umawayo, futhi nengane iyangithemba ize ingibiza ngomawayo."

Buda:"Sthandwa sami waze wangijabulisa namuhla."

Kukhale ucingo lukaBudayza aluphendule inombolo engajwayelekanga.

Buda:”Budayza hellow.”

“Buda ngifuna izimamba yonke lendawo sizohlaselwa. “

Makezwa lephimbo uBudayza athuke.

Buda:”Nkosi yaseMgazini ngizithumele kuphi?”

“Zonke ngizifuna kwaMadlokovu lithi lishona elanamuhla babe sebalapho.”

Buda:”Mambakazi ngikwenze lokhu ngaphandle kwemamba Mduduzi?”

“Bamubambile loyo, masinganqoba lento wena uzothola isikhundla uzophatha zonke izimamba, ngizokuchathazela negazi uzokwazi ukungena ewhare house, kodwa ngiyakhala ngoMduduzi igazi lakhe phela elasebukhosini.”

Buda:”Ingane ezalwa nguye ngeke isize mhlawumbe kulokhu noma usesi wakhe.”

Ihleke kabi inkosi mbumbulu.

“Mfanami ngiyakuthanda zisuka nje ebhandeni songilethela isicazululo, tshela mina ikuphi lengane?”

Buda:”Intombi yami eyaziyo futhi ingasitholela yona.”

“Mayilandwe lengane izula negazi elinengcebo kanje, thumela izimamba wena ulande lengane kulamagceke ngiqede ngayo.”

Aluvale ucingo asondele kuCleo baqabulane.

Buda:”Namuhla ungenze indoda emadodeni, asilande lengane.”

Avume uCleo ayoshintsha izimpahla, uyacabanga ukuthi unikela ngengane yakhe kodwa ukhathele uzonda yonke into emuhlanganisa noMduduzi. Nalengane izoba wuhlupho nje

maseyikhulile kuncono anikele ngayo. Futhi izomuxabanisa noBudayza ngoba akazi ukuthi unengane.

NaloMduduzi mzukwana athola iqiniso uyoswaba ezwe lobuhlungu ayehlala amuzwisa bona makalala naye ngenkani. Aphume bahambe sekamushayele uKhans ukuthi ukhumbule ingane yakhe.

Bahamba ngemoto ehlukile namuhla amulinde ngaphandle kwesango uCleo angene, sekayaziwa vele noma engekho uKhans bayazi uzobona indodana yakhe. Nayo mayimubona imugijimele bahagane.

Cleo:"Mfanami unjani,?"

"Ngiyaphila ma."

Cleo:"Uyayifuna pizza?"

"Yebo ma ngiyayicela."

Cleo:"Asambeke siyothenga."

Ayithathe bangamuxwayi kwaKhans uyazi isivumelwano abasenza ukuthi kumele amufundise yena ngoba efuna uMduduzi la angakhona, avalelise.

Cleo:" kungakahle mangingamubuyisa kusasa ngimukhumbulile."

Khans:"Muthathe umubuyise kodwa uyasazi isivumelwano."

Aphume nendodana yakhe uCleo bagibele emotweni ajabule uBudayza afonele inkosi mbumbulu ayazise nayo ijabule imuncome. Kungakapheli namizuzu engakanani ezwe kungena umlayezo ocingweni lwakhe. Ahlahle amehlo abonise uCleo imamba enkulu iqeda kumufakela uR200 000....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 29🌼

KWABIYELA🌼

MaBiyela:"Baba anikwazi  ukuhamba nonke lemamba mayiza la sizokwenzanjani sibafazi sisodwa.."

Biyela:"Akukho okuzonivelela ndlovukazi igadiwe lendawo uyazi nawe."

MaBiyela:"Baba wena ungahambi."

Biyela:"Izibulu lami leli ngifuna kubona umndeni esizophilisana nawo unjani, uzoba yinkosi uMlungisi umsebenzi wakhe kumele wenziwe ngesithunzi."

Abheke phansi umaBiyela ngoba selokhu kwenzeke lento kaMduduzi emehlweni akhe uyasaba, usabela nomndeni wakhe futhi. Akokode  uGabsile emnyango wasegumbini labo.

Gabi:"Mama kukhona abathi babuya eMgazini ngaphandle babizwe ngubaba."

Avule umnyango umaBiyela

MaBiyela:"Bangenise ndodakazi ubaba usagqoka."

Avume uGabsile aye kubona sebangenile bahlezi phansi.

Gabi:"Uyeza manje."

Bobaba abathathu babhekane bodwa babuye babheke uGabsile.

Omunye:"Ntwenhle nguwe lo osongaka?"

Kuphendule umaBiyela eqhamuka ngemuva kwabo.

MaBiyela:"UGabsile lona ulama uMduduzi uNtwenhle akekho, ninjani bobaba kodwa."

"Hawu sesi asikhali sesijatshuliswa izindaba zenkosi ezimnandi sekuyisikhathi."

Omunye:"Ewu kade sisilindile lesikhathi isizwe siyaphela ngale."

Aqhamuke uBiyela sekagqokile uGabsile noma abethukuthele kodwa uvele wamuthanda uyise wakhe wazibona nakuye, wachazwa nawukuqina kwakhe nesithunzi. Yonke imibuzo abethi uzomubuza yona mzukwana behlangana akayibuzanga ivele yaziphendulekela ngokwayo. Namanje makamubheka sekagqokile achazeke aze amoyizele kanti umaBiyela uyamubona naye amoyizele. Babashiye bekhuluma babaphe nokokudla bese bayaphuma. Afice amadodana akhe eme nesoka likaGabsile baxoxa ngaphandle aye kubo.

Biyela:"Nibuye nomzukulu wami ephila la eniya khona, ningalali futhi phela masesikhokhile indlovukazi sekungeyethu uzokhona kuhlala esihlalweni ndodana."

Mlungisi:"Sizobuya naye baba."

Biyela:"Umawenu ukhathazekile ngoba sihamba sonke labafana bakho bangazeli baqaphe kahle."

Mlungisi:"Kulungile baba."

Abhambathe uMduduzi ehlombe.

Biyela:"Ungasuki celeni kwamfowenu wenze konke abathi kwenze nalomngani wakhe siyezwana ndodana?"

Mdu:"Ngiyezwa baba."

Abheke uSambulo naye aze ashalazele uSambulo achazeke uMlungisi.

Biyela:"Wena mfana kumele wenze kahle mawuzimisele ngenkosazana, uyinkosazana yaseMgazini akakipitiswa."

Sambulo:"Ngiyezwa baba ngiyaxolisa."

Biyela:"Landani umzukulu wami."

Afulathele uBiyela imoto mayisuka adonse umoya uSambulo bamuhleke.

Mlungisi:"Kanti nawe khona abakuficayo."

Sambulo:"Ungaqali ngizotshela uMduduzi ukuthi uyakwazi ukuguqa ngamadolo emzini wabantu kanti."

Mlungisi:"Mxm ndoda ungalinge."

Mdu:"Lomzukulu wababa ingane kabani kanti."

Mlungisi:"Ingane yami, nalesikhathi sihamba kancane kusasele amahora amathathu wonke sigibele indiza."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMGWAQENI🌼

Umamkhulu usashayela la endleleni uyayinyathela kukhala nomculo wakhe awuthandayo kaRebeca Malope, awukho omunye awuthandayo ngaphandle kwalowo, sebayangena edolobheni lakwakhe kepha usaya kwasesi wakhe uZodwa.

Nomusa:"Mama."

Mamkhulu:"Thina ngoba sibasizi bakho ingabe ungasivumela kuthi sibe nobudlelwane nabesilisa na?"

Mamkhulu:"Makuvela kuNkulunkulu ngeke nginqabe."

Nomusa:"Kulungile ma."

Mamkhulu:"Ukhona othandana naye?"

Nomusa:"Hawu uma bekazokwazi ngiyazibuzela nje."

Mamkhulu:"Uthando into enhle mntanami ngeke ngiluvimbe kepha ukulala ningakashadi yikona engingeke ngikuvume, ngeke nginqabe ngizomane ngikudedele ungasasizi ekhaya lami ngoba konke ngikufuna kuhlanzekile."

Nomusa:"Ngiyazi ma, uyabasiza kodwa abalala bengakashadi."

Mamkhulu:"Phela lo umthetho wasekhaya lami ukuthi abanye abantu benzani ngaphandle emizini yabo akufuni mina lokho. Mina angifuni kwelami ikhaya."

Nomusa:"Mama usho ukuthi ungabona ngempela?"

Mamkhulu:"Ngingabona ikhaya lami lihlanzekile into encolile ngeke ingabonakali. UNkulunkulu makathi asilinde umshado bekazi ukuthi uqondeni."

Nomusa:"Ma usho kanjani?"

Mamkhulu:"Mawenza ucansi nomuntu akubi munandi kuphela kepha kuxhumana nemiphefumulo. Yingakho imizwa ikwenza uzwe into engachazeki nekhanda kuba ngathi liyalahleka. Niba nyamanye nomuntu olala naye uthatha konke okwakhe spiritually naye uthatha okwakho, ngisho namadimoni. Yazi kukhona abantu ulale nomuntu abe ehlushwa izinto zobumnyama bese naye kuyamungena futhi. Cabanga namuhla ulale noNtombela."

Ahleke uNomusa

Mamkhulu:"Ulale noNtombela bese uthatha lobuNtombela uphinde uyolala noJohn, la phakathi kuwe sekukhona ubuwena, ubuNtombela kanye nobuJohn bese uqala ukwenza izinto ezingathathi kahle njengemfebo. Uyabona ngoba sekugcwele imfebo kanje abantu balala noma ikuphi kwenziwa ukuxhumana nabantu abaningi bagcine sebayindinganiso. Cabanga ukuthi kube siyawulalela lomthetho kaNkulunkulu ubuzoxhumana nomyeni wakho kuphela."

Nomusa:"Manje mama laba abashade nabantu abangathembekanga kwenzakalani kubo?"

Mamkhulu:"Indoda mayishiya inkosikazi yayo  iyoshendeza noDeliwe ngaphandle, ithatha ubuDeliwe ibuye nabo endlini yingakho bese kuyaxatshwana. Noma umfazi angakatholi ukuthi sekayamugangela umyeni wakhe. Kwabanye kuba yiyo indoda eshintshayo iqale ibone amaphutha angekho kwinkosikazi yayo icasulwe izinto eziningi kuyo kodwa akubi naxolo uthola

sebaxatshaniswa into encane abanye baze bathi indoda idlisiwe kaphandle kanti cha ilobuDeliwe eze nabo.”

Nomusa:”Kuphela kwento engingeke ngiyizwisise leyo. Manje laba abathatha isithembu?”

Mamkhulu:"Ngikhumbuze ngolunye usuku ngikwambulele ngesithembu nakhu sesifika"

Ehlise ijubane ayijikise ihambe kancane ayimise phambi kwesango achofoze intercom livele livuleke isango ayifake, uvulelwa umaNdlovu aphume nasemnyango azobahlangabeza. Umamkhulu ehle emotweni bahagane.

Mamkhulu:”UGabi usemagcekeni akoyise manje sebadibene konke kuzolunga.”

MaNdlovu:”Angikamuboni selokhu alazi iqiniso ucabanga ukuthi ungithukuthelele?”

Mamkhulu:”Akathukuthelanga usemathandweni nje uzozizela ungamulandeli.”

Bangene endlini akunamuntu.

Mamkhulu:”Kwathuleka baphi abantu?”

MaNdlovu:”Umadam uhambe  ekuseni ngovivi ubaba ukhona yena ulele  ma.”

Abe nokukhathazeka umamkhulu makezwa ukuthi uButhelezi ulele.

Mamkhulu:”Ukahle yini akusiye umuntu olala kuze kushaye lesikhathi?”

MaNdlovu:”Uye wavuka wadla waphinde waya egumbini lakhe.”

Mamkhulu:”Ngize kuye vele, ngicela ungibizele yena.”

Ahambe ayomubiza makangena amufice ahlezi phezu kombhede ngathi ukude nomcabango.

MaNdlovu:”Baba umamkhulu uthi angikubize.”

Asukume vuthuthu.

Buthelezi:"Umamkhulu uNelisiwe?"

Mandlovu:"Yebo."

Aphume ngokushesha aze ashiye kwayena umaNdlovu bekamulandile makavela ngempela nangu. Acabange maye muhle uNelsiwe wakhe namehlo amhlophe qhwa amakhulu, uze wafuzisa nezingane zabo ngalobuhle obungena sici. Akazi uZodwa ukhone njani ukungena phakathi kwabo buka manje aguge enjena uvevezela amadolo ngenxa yothando, sekamoyizela akaqedi uButhelezi uMusa aze adonse isikhohlela esingekho.

Buthelezi:"Mangwane."

Umamkhulu noma angamuthukuthelela njani uButhelezi wayehlala emunqoba ngephimbo lakhe elimtoti elinamandla, nangendlela amubiza ngayo. Noma angathamba kanjani kodwa uyakwazi umamkhulu ukuziqinisa. Asondele uButhelezi azame ukumhaga umamkhulu ahlehle kancane aze aswabe uButhelezi.

Mamkhulu:"Shenge ngithunyiwe."

Buthelezi:"Asihlale phansi."

Bahlale kusofa babhekana uNomusa aye kumaNdlovu ekhishini ayomusiza ngokwenza itiye."

Mamkhulu:"UNokubonga kunabantu abezayo kuzomlobola namuhla."

Amangale uButhelezi nawu umhlolo wakhe bo.

Buthelezi:"Kanjani uNokubonga kusho ukuthi bekasathole omunye umuntu ngoba ashiya uNathi."

Mamkhulu:”Angikwazi lokho mina engikwaziyo ukuthi uyalotsholwa namuhla shayela bobhuti ngokushesha ngoba sebasendleleni angazi bayofika nini.”

Buthelezi:”Ingabe kukahle mawubheka ngiwamukele lamalobolo?”

Mamkhulu:”Wamukele Shenge ingane yethu ifuna ukujabula.”

Amubheke uButhelezi ezwe sekadabuka phakathi ukuthi wazonela ngenxa yokuthanda imali, buka manje ukuthula akukho kulekhaya, makabona umamkhulu uhlala azothile noma angathukuthela kanjani iphimbo lakhe alikaze liphakame, aze adonse umoya uButhelezi. UNomusa athathe ithileyi athi uyoyibeka etafuleni ajike athuswe amazwi kaButhelezi baze bashayisane benomaNdlovu.

Buthelezi:”Nelsiwe ngisakuthanda eyy angazi ngaxhopheka kanjani ngizwa umphefumulo wami uhlukana kabili phakathi. Azange sivaleke iskhala sakho kimi, Mangethe maNgwane ngisakuthanda kakhulu futhi.”

Mamkhulu:”Angizelanga lokho mina ngizokwazisa ngomntwana.”

Buthelezi:”Ngiyazi ngiyazi ngicela uhlale wazi nje, buka manje kube sijabula ndawonye ingane yethu izolotsholwa.”

Bamangale bomaNdlovu  ngoba balalele phela manje bathuswa igama lengane yethu, uNokubonga ingane ka ma uNomusa uyazibuza. Yingakho bafana kangaka.

Mamkhulu:”Shenge uyakwazi okumele ukwenze ngakutshela.”

Asho esukuma noButhelezi asukume naye ayoma phambi kwakhe ezwe lephunga lakhe akakalishintshi namanje ahogele umamkhulu amoyizele.

Buthelezi:”Nelsiwe mangikwenza uzongamukela.”

Azame kumubamba izandla ale umamkhulu, umaNdlovu  bakabona imoto kaZodwa ingena.

MaNdlovu:"Wuuu nangu ugiraffe hambisa itiye."

Nomusa angabuzi naye ahambise itiye uButhelezi aphazamiseke angene phakathi kwabo alibeke phezu kwetafula umaNdlovu naye asondele nethileyi lamakhekhe awabeke.

Buthelezi:"Asiphuze itiye."

Mamkhulu:"UZodwa uzokwala ukuthi ingane yami ingalotsholwa la emagcekeni kababa wakhe nawe wamuvumela ngiyakuthembisa ngeke ngiphinde ngikuvumele ubuke ngisho isthombe sami."

Lithuke ikhehla.

Buthelezi:"Ngeke ngivume izolotsholwa ingane yethu ngiyathembisa."

Angene uZodwa akayazi imoto engaphandle ukuthi ekabani ngoba akakaze abone usesi wakhe eshayela. Amangale makafica usesi wakhe endlini yakhe. Ungenisana noBonga acasuke indodana yakhe mayibona umamkhulu wayo aqonde kuye. Amuhage umamkhulu abone konke ukuthi babuya kuMadlokovu.

Bonga:"Unjani mamkhulu?"

UBonga uyazihlanyela uyadelela uphila ngendlela afuna ngayo kodwa uyamuhlonipha umamkhulu, umuhlonipha ukundlula umawakhe uZodwa.

Mamkhulu:"Ngiyaphila ndodana wena?"

Bonga:"Manje ngoba sengikubonile ngimhlophe ngaphakthi."

Buthelezi:"Abekubuza nje izolo lokhu kumawakhe."

UZodwa sekathukuthele wafutheke okwexoxo okumdina kakhulu ukubona umyeni wakhe indlela ahlala ancibilika ngayo phambi kukasesi wakhe.

Zodwa:”Nelsiwe ubekwa yini kwami ngingekho mina.”

Mamkhulu:”Bengithunywe uNokubonga.”

Zodwa:”UNokubonga uvele wanyamalala asimazi ukuphi wena ukuthuma njani?”

Mamkhulu:”Umyeni wakho sekazokutshela, Bonga ndodana uboza uzovakashela umamkhuku noma ubusuku obubodwa nje.”

Umamkhulu manje ufuna ukucisha lento uZodwa abuya komenzisa yona kuMadlokovu.

Zodwa:”Unezinto eziningi okumele azenze ngeke akhone.”

Bonga:”Cha oledi uyaphazama, mamkhulu ngihlala ngilele mina ngisaba ukugcwala iziganga ngoba ngisagadiwe, kwakho ngiyaya. Futhi yazini ithi ngiyogqoka ibhulukwe lami elimhlophe ngihamba manje ngicela ungimele.”

Amoyizele umamkhulu.

Mamkhulu:”Mpintshi yami noma ungapaka okwenyanga yonke umamkhulu ukukhumbulile.”

Zodwa;”Bonga ntambama kumele sihambe angithi uzwile.”

Bonga:”Ngizosukela kwamamkhulu.”

Akhuphuke izitebhisi uBonga aye egumbini lakhe.

Zodwa:”Uzele ukuzochitha umuzi wami la Neli.”

Mamkhulu:”Nomusa asambe.”

Baphume mabafika ngaphandle amulandele uZodwa agxavule umamkhulu ngesandla babhekane, uyabila uZodwa umamkhulu yena uzithobile nje.

Zodwa:”Ugcine ukuza la umuzi wami lo, umyeni wami futhi ngizokubulala Nelsiwe uyazi futhi.”

Mamkhulu:”Zodwa anginandaba nomuzi wakho ogcwele ubumnyama kepha masothi umyeni wakho uyangihlekisa. Uyabona lela khehla ngeke likuthande nangelilodwa nje ilanga inhliziyo yakhe iphethwe yimina. Uyise wezingane zami lowaya uzoziphumela yena kulesango azizele ngoba okudalwe uNkulunkulu kuzogcina kona.”

Zodwa:”Ulibambe lingashoni.”

Amoyizele umamkhulu angene emotweni ehlise ifastela.

Mamkhulu:"Zodwa ngane ka ma ngiyakuthanda uyezwa.”

Zodwa:”Hamba uyofa nothando lwakho.”

Afulathele uZodwa.

Mamkhulu:”Nomusa gibela emuva ngifuna uBonga ahlale la ngaphambili.”

Ehlike vele ahlale ngemuva.

Mamkhulu:”Letha lamanzi kancane.”

Amunike umamkhulu afafaze lesitulo azohlala kuso ngapha akhuleka into engezwakali bahlaleke bamulinde.

Nomusa:”Kungani ma ufafaza lapho.”

Mamkhulu:”Lomfana ucabanga ngogwayi anganiqeda nonke le ekhaya kuzofa lemizwa ngisebenze ngaye aze abe kahle.”

Amoyizele uNomusa aqhamuke vele agibele bangene indlela endlini basale belwa.

Zodwa:”Angiwafuni lamalobolo la, ulotsholiwe uNokubonga kumele bayomulobola le emzini.”

Buthelezi:”Akukho engizokuchaza kuwe Zodwa umuzi wami lo ingane yami intombazane yami yodwana izolotsholwa khona la wena mawungakufuni lokho kuzokusiza uhambe manje.”

Amangale uZodwa umyeni wakhe sekakwaz ukumpendula angavumi into ayishoyo, uqale ngokungasamthinti manje lokhu. Kuyacaca ukuthi uselala naye manje.

Zodwa:”Ngizokushiya mina Buthelezi qhubeka nalamalobolo ngizokulahla uhlekwe izwe lonke leli.”

Buthelezi:”Kulungile.”

Kungene abafowabo ababili sekababizile abakaze nje bamuthande uZodwa bangazihluphi nangokumbingelela aphume naye uZodwa adumise imoto ubuyela kwaMadlokovu. Bafike nabakhongi basebukhosini.

Umamkhulu ushaleyele angakafiki ndawo abe nombonakaliso wengane akhiphe imoto emgwaqeni aphumele phandle aye ebhuthini athele amanzi esivalweni sesigubhu abone ingane iphethwe owesifazane, aphinde abone sebangena eMgazini nayo. Aphinde abone inkosi mbumbulu isika ingane entanyeni imunce igazi layo, mayilokhu ilimunca iba namandla. Abuyele emotweni ngokushesha afonele uSambulo angaluphenduli, noMlungisi kufane. Ashayele uNokubonga aluphakamise.

Nokubonga:”Sofikile mamkhulu bobaba bafonile bathi sebafikile ”

Mamkhulu:”Nokubonga ngifuna kukhuluma noMgazi.”

Nokubonga:”Nampa bayaphuma, Gabsile bavimbe.”

Uyamuzwa uyagijima noGabsile alizwe iphimbo lakhe limemeza, axole makezwa uSambulo asabela angene emotweni umamkhulu ayiphendule.

Mamkhulu:”Bonga mfanami ngifuna ushayele njengesigebengu manje sizolithetha ligcwele emaphoyiseni.”

Bonga:"Ngeke ngiboshwe mamkhulu ngiyayisaba leya ndawo?"

Mamkhulu:"Ngeke ngiyakuthembisa."

Bonga:"Wola dimamzo usho kwichina phela manje kuthi lishaye ikarate. Mamncane emuva akufaseke amabhande manje."

Bashintshane ngokuhlala ahlikihle izandla zakhe uBonga uyisuse.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

Amadodana sewayahamba bavalelisile uNokubonga ezwe kukhala ucingo lwakhe phakathi endlini ayolibamba, boMlungisi sebangene nasemotweni. Ihlehle imoto aphume sekagijima uNokubonga.

Noku:"Sofikile mamkhulu bobaba bafonile bathi sebafikile ."

Mamkhulu:"Nokubonga ngifuna kukhuluma noMgazi."

Nokubonga:"Nampa bayaphuma"

Amemeze uGabsile ngoba ume duzane nemoto.

Nokubonga:"GABSILE BAVIMBE MISA IMOTO."

Amukise ucingo emotweni uyezwa nje umamkhulu ngathi unoBonga la akhona agijime uMlungisi aphume amuhlangabeze, amukele ucingo.

Nokubonga:"Umamkhulu."

Mlungisi:"Ma."

Mamkhulu:"Ndodana ngisendleleni ejikayo manje ningasayi eKappa sebamutholile umntwana uhamba nonina uvumile yonikela ngaye. Basasendleni manje sebahlomile bayizingovolo baya kwaMadlokovu, unina wengane uhamba nesoka lakhe babodwa bayimukisa kubabomncane wakho."

Mlungisi:"Shit sekumele siye eMgazini manje?"

Mamkhulu:"Inhlamba nkosi yami inhlamba."

Mlungisi:"Ngiyaxolisa ma."

Mamkhulu:"Landani uNtombela nihambe naye leya ndawo igcwele ngobuthakathi ngeke nikhone ninodwa."

Bonke sebayabona ukuthi lokhu bekakukhuluma ocingweni akwehli kahle kuye abuyele endlini bamulandele avale umnyango aze akhiye. Akhiphe ucingo lwakhe abone uye wamufonela umamkhuulu, ashayele uNtombela alubambe ngokushesha.

Ntombela:"Nkosi yami ngisentabeni izani indlela indlula khona la."

Mlungisi:"Ubabonile nawe?"

Ntombela:"Bengizokwenza izinto zami mina la, nkosi yami iya egumbini lomfowenu kunezimpahla ezimnyama khona iskibha sinomfanekiso wemamba akagqoke kona ngoba ngeke singene eMgazini sebayazi ukuthi impi iyeza kuvalwe yonke indawo."

Avale ucingo bonke bamubhekile yena abheke uLungile aze athuke.

Mlungisi:"Lungile ngilandele."

Ayongena egumbini likaMduduzi basale bemangele kepha bangamulandeli.

Mlungisi:"Ngicingele izimpahla ezimnyama zikaMduduzi isikibha ezimnyama naso nomfanekiso wemamba."

Lungile:"Kukhona bhuti ngiye ngakukhipha ngoba kuyathusa konke nebhulukwe nebhande ngisho namasokisi kunalomfanekiso nebhantshi elide limnyama nalo"

Mlungisi:”Kukhiphe konke ukubeke phezu kombhede.”

Aphume aye ngale endlini yokuphola.

Mlungisi:”Umamkhulu sekabonisiwe ingane seyisusiwe eKappa isuswa unina uyimukisa eMgazini ubabomncane ufuna igazi layo makangalithola uzoba namandla aphindekile ngoba ingane imsulwa. Mduduzi ngicela ube yindoda manje lengxenye yempilo yakho ongayikhumbuli.”

UmaBiyela amungene emlonyeni.

MaBiyela:”Hayi ndodana ngicela ungamutsheli ohhh umntanami bantu.”

Mlungisi:”Mama ufuna kwenzekeni ngalomzukulu wakho oyobulawa, Gabsile thathani umama niphume naye.”

Gabi:”Bhuti ngiyakucela hleze kungaba khona esisiza ngakho masazi okwenzakalayo ungasixoshi.”

Mlungisi:”Fine, Mduduzi kuneqembu lezimamba eliyingozi uke wezwa ngalo?”

Mdu:”Ngiyalazi maningi kabi amalunga alo ebengifunda nawo, kwala ekuhlaleni maningi.”

Mlungisi:”Wena ubungumholi walelo qembu ubuthenjiwe khona bafo manje lempi siyobhekana nabo.”

Mdu:”Bafo kahle.”

Mlungisi:”Yonke into yakho inophawu lalemamba uke wanaka?”

Sekagcwele ubuhlungu nokumangala uMduduzi, lokho kwenzeka kanjani kodwa, abheke uLungile ome emnyango wasegumbini lakhe.

Mdu:”Bhuti.”

Mlungisi:”Yebo Mduduzi ngiyaxolisa kepha nguwe kuphela ongasikhipha kulataku, namuhla sifuna kuyolanda ingane manje ngeke sikhone ukungena ukuwela ngale unless wena ubonisa ubumamba owawuyibo.”

MaBiyela:”Ingane yami ihlushelwani kanje kodwa.”

Angene umamkhulu alandelwa uNomsa noBonga aqonde kuMduduzi amubambe izandla. UBonga ayoxhawulana noSambulo uGabsile ahle acasuke nje ngoba ucabanga into ayefuna kumenza yona.

Mamkhulu:"Impilo yezibulu labazukulu lisencupheni, loya muntu makangathola legazi uzophunyuka ngeke simukhone ndodana. UMlungisi ngeke asithole isihlalo, makangasitholi yonke lendawo amantombazane ayohlalela ukudlwengulwa. Siza ndodana mina ngifuna uvume kuphela konke kuzozenzakalela."

Abheke uLungile sekahle uyakhala nomawakhe uyakhala

Mdu:"Ngiyavuma mamkhulu."

Mamkhulu:"Hamba uyogqoka, Sambulo bizani legenge yenu ngizoyenzela okuncane ngoba seyihle iyahloma ngale, Mduduzi gqokisa nanangu mazikhona ezinye ezimnyama.."

UMduduzi makayogqoka alandelwe uBonga, uSambulo akhiphe ucingo lwakhe ashayele uKhans.

Sambulo:"Isihlomile baba kuyimanje siyaphuma sisendleleni siyolanda indodana kaMdu."

Bekasamazisile ukuthi sekakhishiwe islwane akasaholi izimamba amangale uKhans ukuthi uCleo abezotshontsha lengane yakhe kanti.

Khans:" Ngiyabathumela nami ngiyeza noKabelo."

Sambulo:"Ngiyabonga baba."

UMlungisi naye usocingweni ubiza ebakhe, egumbini uMduduzi agqoke amubukile uLungile uBonga unikwe elinye igumbi, makasaqedile ibhantshi alibambe ngesandla.

Lungile:"Angizithandi lezimpahla Mduduzi ufana nalomuntu owabulala ubaba."

Athuke uMduduzi akhumule lesikibh ngokushesha agijime asondele kuLungile, amuhage amuqinise.

Mdu:"Kusho ukuthi ukuleqembu wayegqoke kanje?"

Lungile:"Wayegqoke ezimnyama nejazi elikhulu lona lalibrown."

Mdu:"Ngizomthola ngizomubulala futhi ngicela ungixolele sthandwa sami."

Lungile:"Akunankinga ngiyazi ukugqokiswa isimo, mawubuya sizokushisa angithi?"

Mdu:"Sizokushisa."

Amuqabule futhi uLungile abuthe lesikibha amunike asigqoke bese bayaphuma, makavela nje uSambulo amubone into ayeyiyo.

Sambulo:"Gqoka nebhantshi ngizokufundisa la ngaphandle ukuthi izimamba zihamba kanjani."

Gabi:"Wena uzazelaphi."

Umamkhulu akhiphe amanzi wakhe abheke uMduduzi emehlweni.

Mamkhulu:"Khipha lezinto ezisemehlweni uzifake la."

Awakhiphe amacontact lenses wakhe awafake emanzini, amufafaze ngamanye abuya endishini ephethwe uNomsa makaqeda asondele endlebeni yakhe.

Mamkhulu:"Mduduzi niyolanda ingane yakho ungabuyi ngaphandle kwayo ulalise konke okuzoba sendleleni yakho. Wena uyimamba le enakekela umndeni wayo unenhliziyo embi kulaba abatshontshe ingane yakho ungangizwa."

Ubheke phansi uMduduzi ulalele lento ayihletshelwa umamkhulu kuzwa yena yedwa.

Mdu:"Ngiyakuzwa mamkhulu."

Mamkhulu:"USambulo ungamushiyi, umfowenu uMlungisi ungamushiyi naye kanye noNtombela, noBonga naye uzoba wusizo olukhulu."

Avume ngekhanda uMduduzi agqoke ibhantshi umamkhulu amunike isigqoko esimnyama sona sinomfanekiso wengelosi ngaphakathi, asigqoke aphume angasabheki noLungile. Umamkhulu abheke boSambulo noBonga sekagqokile umnyama. Akazi nokuthi kuyobangwa ini la kuyiwa khona yena uchazwa ukuthi unikwe isibhamu nje.

Mamkhulu:"Uzonihola nina nimugade nje  angalahlekelwa ilesigqoko."

Baphume amaphaphu sewakhuphukile kubomama bezwe sekadumisa imoto ngomsindo wengoma, uMlungisi ayohaga indlovukazi yakhe ayiqabule.

Nokubonga:"Ngicela ubuye Mgazi."

Mlungisi:"Ngiyabuya ndlovukazi, ngiyakuthanda uyezwa."

Avume ngekhanda uNokubonga ababheke  umaBiyela aze amuzwele uSambulo bona sebangaphandle benoMduduzi noBonga, ayongena emotweni sekushayela uMduduzi. Bahambe baze bafike kulentaba bathathe uNtombela.

Ntombela:"Sebaduzane nkosi yami ngiyakubongisa bengikhuluma nenkosi uyise uthi indlovukazi sekungeyakho izingxoxo zihambe kahle."

Avume ngekhanda uMlungisi, uMduduzi akakhulumi akababheki futhi, baqhamuke ngaseMgazini vele kugadiwe kumnyama tsuu izimamba zigqokile ziqaphile.

Mduduzi:"Mkhulu ucabanga ukuthi bayazi laba sengakhishwa lento?"

Ntombela:"Ngokubona kwami usatshele lo oza nengane yakho abanye abakazi."

Ayimise imoto ingaveli ngakubo ayicashise.

Mdu:”Ningaphumi.”

Bonga:"Ngingeza mina?"

Mdu:"Woza."

Behle baqhamuke ngezinyawo makabona  bemoyizela ukuthi abazi lutho bamuxhawule bajabulelane.

Mdu:”Eyyy mamba kukhona bani ngale komgwaqo?”

“Akukho muntu bozza inkosi ithe siqaphe la kuphela masibavimba eqaleni akunankinga ngale.”

Kukhale ucingo lwaMduduzi alubambe angakhulumi kodwa ngoba uyabona uMlungisi.

Mlungisi:”UNtombela uthi sebasondele shesha.”

Mdu:”Asivaye sobheka ngasentabeni ngifuna  kuyibona isaqhamuka ..”

“Sho bhozza.”

Oyedwa ababheke angabalandeli ngoba uyazi uMduduzi akasasiyo imamba mabehla bona ngomgwaqo yena ajike aqonde ebukhosini ufuna kuyobika kuthi uMduduzi ukhona.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T🌼

ISIQEPHU 30🌼

Mabehla ngomgwaqo uBonga abheke emuva abone,lo ojikayo acoshe itshe amujike ngalo limushaye awe ngaleso sikhathi. Bamangale ukuthi sekanani nangu umuntu.

Mdu:"Umuntu wethu lo umukabhelani?"

Uzama kwenza laba banganaki ngoba babonile uBonga amukabha, ngempela banganaki.

Bonga:"Eish bhozza ithi ngiyomubheka."

Asuke uMduduzi athi uyombheka uBonga amumise.

Bonga:"Ungakhathazeki bhozza ngizomubheka mina wena hamba nalaba."

Avume uMduduzi bahambe phakathi emotweni.

Mlungisi:"Intwana yakho sengihle ngiyayithanda."

Sambulo:"Lomuntu akageji ngalesinxele sakhe ukushaya ngetshe uthule imizuzwana."

Babalinde bathi bangandlula kancane emotweni baphume kubanjwane kube ongaphansi nongaphezulu uBonga le afice lomuntu eshayeke ekhanda kepha usaphila amukhahlele kancane abone ukuthi uqulekile.

Amudonse ethi uyomufasa ekusithekeni akhuphuke naye kancane angene komunye umuzi amufasele esihlahleni. Asematasa abone okomfanyana kucashile amubize uBonga kuyakhala kuncane.

Bonga:"Woza la  ngeke ngikulimaze"

Isondele ingane.

Bonga:"Ubani igama lakho?"

"USambulo Biyela."

Achazwe ilegama lamfowabo.

Bonga:"Asambe ngifuna kukubonisa ubig Sambulo."

Sambulo:"Ngicela ungimukise ekhaya."

Bonga:"Ikuphi kini?"

Sambulo:"Isebukhosini ubabami inkosi"

Abone uBonga ukuthi angaba usizo lomntwana akasamuthatheli ukuyokwenza ihlaya ngaye manje. Abuyele emuva abafice sebalalise zonke izimamba bashintshana nangezimpahla bonke sebayizimamba  uMduduzi amubheke.

Bonga:"Angimubulalanga."

Mdu:”Manje lengane?”

Bonga:”Angazi,angaba wusizo ngathi ingane kababomncane wakho.”

Bashayisane ngezinqindi.

Mdu:”Ndoda uyaganga wena usuyithathaphi yona.”

Bonga:”Mhlawumbe isale ngephutha emuva abanye bebaleka ngoba kuthuleke tuu emigwaqeni”

Mdu:”Kungenzeka lemamba ibatshelile kuthi bahlale ezindlini, babhace lapha iya kubo.”

Amukhombe.

Bonga:”Mina ngizifuna duze nawe."

Mdu:”Kulunhile hambisa lenganeke"

Ayobhaca naye abatshele ukuthi ubani lengane bese uyayishiya noNtombela avume ukuthi eyalenkosi mbumbulu vele ingane. Iqhamuke imoto kaBudayza uMduduzi sekeme ufulathele ngala iqhamuka ngakhona. Phakathi emotweni.

Cleo:”Manje lo ome phakathi komgwaqo"

Budayza:”Imamba akudingi kuthi ubuze uyababona bagqokile"

UCleo abheke indodana yakhe esilele amise imoto uBudayza angehli kodwa phela bayizimamba baningi izindawo ngokuhlukana abazani bonke impahla nje ebabonisayo. UBonga asondele emotweni avule umnyango ngemuva athi uthatha ingane ale uBudayza.

Budayza:"Inkosi azange ingitshele ukuthi izothathwa la ingane ngazi ukuthi ngizoyinika mina ezandleni."

Bonga:"Uyayazi inkosi ihlala ishintsha shintsha mangabe uyazizwake hamba nayo uzozibona."

Avale umnyango uBonga aqonde kuMduduzi avule ifastela lemoto amubize.

Buda:"Mamba muthathe bese thina senzenjanike?"

Mdu:"Batshele balinde bayazi inkosi ayifuni kuphashelwa."

Asondele uBonga.

Bonga:"Eyyy snake lindani khona la niyazi inkosi ayifuni kuphashelwa"

Buda:"Mucoveke"

Avule ngemuva ayithathe kahle ayilalise esifubeni ikhanda layo libe sehlombe. Acabange umkhuba uBonga afike ayikhombise uMdu.

Bonga:"Bafo asishintshane lezingane ngifuna kubona uyoyenzani"

Mdu:"Ngeke avume uMlungisi."

Bonga:"Wena kanti uzomutshela na"

Babhekane bamoyizelelane boSambulo bababhekile mabasondela.

Sambulo:"Laba sekukhona abakukhulumayo uBonga makasamoyizela kanje"

Ntombela:"Bafuna kuphambanisa lezingane ngoba zicishe ukulingana."

Mlu:"Bahlanganise ukuhlanya laba."

Ntombela:"Nami ngiyicabangile leyo nkosi yami."

Sambulo:"Uyayazi ingane yakhe uzovele ayibone nje"

Ntombela:"Lokho kuzonika thina ithuba lokuphuma kulendawo phela sisemgodini wemamba baningi futhi sibancane."

Bafike kubo uBonga angasabuzi abakhumulise izimpahla bashintshane ngazo bese uyayithanda uBonga futhi kusale ekaMduduzi isigqoke izimpahla zaloSambulo wenkosi mbumbulu.

Bonga:"Igama lakhe uSambulo."

BoCleo basasemotweni bayazama ukubheka ukuthi kwenziwani kepha ababoni lutho ngoba basithelile. Mabaqeda uBonga noMdu bahambe ngezinyawo bababize kuthi babalandele ngemoto kancane. Abakamuboni uMdu ebusweni.

Mayisithela nje imoto kaBuda naboMlungisi balandele ngeyabo phambili kuhamba uMdu noBonga kanye nengane yenkosi mbumbulu bahamba ngezinyawo. Bahambe baze bafike

esangweni ayibeke phansi uMdu inkosi ingaphandle iyehla iyenyuka uBonga aye kuBuda emotweni.

Bonga:”Nina ningasasondeli enganeni sizoyishiya lapha wena mushayele umutshele ukuthi nayi ingane ilele esangweni, uzolinda izwi lakhe kuthi ngena.”

Buda:”Sho mamba"

UMdu kunento edlala ekhanda lakhe manje uyayikhumbula lendawo, noma angakhoni kukhumbula kahle. Bayilalise phansi uMdu abhekise iso lakhe kulento evulayo . Ukubona ukuthi uyimamba kunomshini owenziwe esikhundleni sokuchofoza wona ubaskena amehlo, ngenhlanhla okwaMduduzi akukacishwa makabheka livuleke isango.

UBuda sekayishayele inkosi mbumbulu ukuthi nayi ingane esangweni. Baqhamuke bonogada ababili begijima makuvela lenkosi mbumbulu bahlehle uMdu noBonga bandlule ngasemotweni kaBuda. Ababanakile bona babheke inkosi mbumbulu nabo bangakafiki kuphi bezwe ingane seyikhala. Babheke emuva inkosi imubambe ngonyawo olulodwa uyibhekise phansi wayihlaba entanyeni igazi laphuma uyalimunca manje, phambi kwabonogada.

Bathuke nabasemotweni boSambulo bamangale bangene emotweni ihlehlele emuva ize isithele. Ayiphendule uSambulo kushayela yena manje ihambe ize iyophuma ezweni laseMgazini, kubanda amathumbu kubo bonke yilento abayibonile.

Bonga:”Hade bafowethu mina bengicabanga ukuthi uzoyibona incosi yakhe.”

Sambulo:”Ungazikhathazi sonke besizitshela lokho.”

Mlungisi:”Sambulo jikisa imoto.”

Sambulo:”Bafo sibancane asikwazi kumhlasela manje.”

Mlungisi:"Yabona senze ubulima masingahamba manje umawalengane uzoyibona ingane yakhe bese bonke bayabona bazobona ukuthi besila. Bese baqinisa izimamba mina ngithi manje angithi ufuna ikhanda lakhe"

Sambulo:"Ingane."

Ntombela:"Ngizoyilalisa inkosi iqinisile, Buthelezi unamandla ungazibukeli phansi."

Adonse umoya uSambulo abheke nomfowabo.

Bonga:"Asambe bafo."

Ayijikise manje ingene ngqo abasekho ngaphandle behle futhi bonogada bazibonele izimpahla zezimamba bangabanaki kakhulu. Abheke uMdu kulomshini livuleke isango bangene bonke. Babashuqule labonogada abathathu abasesangweni.

Mdu:"Ngizongena ngapha mina ngifuna loBudayza wakhona."

Mlu:"No Mduduzi umamkhulu uthe ungasuki celeni kwethu naleso sigqoko sihamba sonke asihlukani."

Ngempela mabaqeda kufihla lemizimba yalabonogada bangene balibone negazi lalengane. Baqhubeke balandele amaphimbo ayezwakala angasesigodlweni sakhe. UNtombela usele nengane kaMduduzi kaMduduzi naye ayithathe afune indawo yokucasha.

Mamba:"Legazi langasebenza nje kuthulekile."

Buda:"Lizosebenza ziphe isikhashana."

Mamba:”Isikhathi into engekho bengithi mangithola elaMduduzi belisebenza ngaleso sikhathi, uthi eyakhe nje lengane, ntombazane.”

Cleo:”Ingane kaMduduzi lena nkosi yami.”

Athuke uMduduzi abheke umfowabo.

Mlungisi:”Sizokhuluma masiphuma la.”

Angasho lutho baqhubeke ngokulalela kuthulekile igceke lonke inkosi ivalele umndeni wayo wonke endaweni efihlekile. Basacothama kuqhamuke uPhilani amoyizele makabona bobhuti bakhe makathi uyakhuluma amugxavule ngokushesha uMlungisi amuvale umlomo.

Mlungisi:”Ungalinge ubange umsindo.”

Avume ngekhanda amuyeke uMlungisi.

Philani:”Bhuti ngithi ngizofuna imali kubaba ngilifulathele lelizwe ubaba angisakhoni nguyena. Bengiza kababomkhulu vele nasi nesikhwama sezimpahla la  engisibeke khona. Noma ngabe nize kuzobulala ubaba mina nginani, lomuntu udlwengule intombi yami mayingitshela ngamubuza wathukuthela wayoshisa umuzi wakubo kubhubhe wonke umuntu ngaphakathi. Miningi imizi ayishisa.”

Mlungisi:”Sifuna kungena bengekho labonogada.”

Philani:”Khulekani abanazo izibhamu ngenani manje ngoba izimamba zakhe zikalenyanga yakhe uMadlokovu uyazishunqisela angazi bayohlasela kuphi, kepha ngimuzwile athi bayofa ngomlilo.”

USambulo athuthumele makacabanga isthandwa sakhe, usesi wakhe kanye nomawakhe sebavutha ngomlilo. Avele angene aqonde angabhaci futhi imubheke inkosi bonogada

basondele kuye uBudayza asukume nesibhamu sakhe uyamazi phela uSambulo. Bangene naboMlungisi makababona ihleke inkosi.

Mamba:”👹 hahahahaha nkosi yesizwe usuvukile kwabafileyo.”

Babone uMdu noBuda athuke asuse isibhamu kuSambulo asibhekise kuMduduzi, asondele kubo kancane.

Mdu:”Iphi ingane yami?”

Ihleke futhi inkosi.

Mamba:”Ubuthakathaka wena nangisiza naziletha nogada hamba ulande lezimamba ezisemgwaqeni zizozitika..”

Ahleke uMlungisi.

Mlu:”Babomncane sekuphelile ngawe"

Sambulo:”Mina ngilande ikhanda lakho uyalifuna uKhans.”

Athuke makezwa igama likaKhans ngoba naye umufuna phansi. Bezwe sekuqhuma izibhamu ngaphandle isuke la phakathi  bashaye abonogada kanye noBuda bababulale bonke. Kusale inkosi yakhona uMlungisi asondele kuye.

Mlu:”Iphi,ingane yomfowethu?”

Abheke la  kunomnyango  omncane ahambe ayovula khona uSambulo athuke afice ingane ilahlwe lapho ivuleke kancane entanyeni.

Mlu:”Uyisilima wena, hamba uyobhekisisa lengane oyibulele.”

Ashone khona athuke aze avevezele umunce igazi lengane yakhe angakhoni noku zibamba ahlanze. USambulo aqonde kuye amugxavule isandla azame ukulwa kufane ngaphandle siyasho isibhamu, nabo bayamangala ukuthi bobani laba abadubulanayo.

Mlu:”My authi ngifuna kumuyisa kubaba kuqala ayoxolisa ngifuna kumhambisa sonke lesigodi axolise kudala uhlukuneza izingane zabantu.

Mamba:”Kahle zingane zikabhuti .”.

UMduduzi noBonga sebagcwale yonke lendlu bacinga base bayabuya.

Sambulo:”Asambeni.”

Bamubophe baphume naye ngaphandle abantu abaningi balele phansi bamangale nje ngoba bagqoke izimpahla zezimamba bonke mabaphuma ngesango bazithele kuKhans nabafana bakhe.

Sambulo:”Baba.”

Khans:”Ndodana"

Bamufake emotweni ehamba labafana bakaKhans uMlungisi abheke emuva athalaze yonke indawo kuthulekile tuu. Kuvumbuke uNtombela la bekacashe khona agobe phambi kwaMlungisi.

Ntombela:”Nkosi yami buningi ubumnyama obula phakathi ngemvume yakho ngicela ishiswe lendawo, uzokwakha kabusha.”

Bamubheke bonke noKhans amangalele lomuntu okhothanyelwayo.

Mlungisi:”Umndeni wakhe ukuphi? PHILANI?”

Philani:”Nkosi yami.”

Mlungisi:”Baphi bomama nezingane zakho?”

Philani:”Nkosi yami angazi mina ubafihlaphi"

Mlungisi:”Mdu mubuze lapho.”

Bamubuze angafuni kukhuluma.

Mlungisi:”Ngeke sincengane naye bafana shisani lendlu ningathathi lutho okuphakathi. Yimani kancane.”

Akhiphe ifone ashayele ubabakhe.

Mlu:”Baba sifuna ukushisa lendawo ngifuna ukubuza ukuthi kukhona yini okwasala ngephutha phakathi?”

Baba:”Mfanami ngiyangena kulendawo labafazana benu sebakhale baba nesibibithwane .”

Mlungisi:”Uza nabo?”

Biyela:”Ngiza nabo umamkhulu ushilo ukuthi singahamba impi seyinqotshiwe"

Mlu:”UMdu akafakanga lamehlo akhe akumamkhulu uLungile angifuni amubone okwamanje, uzofa umfana mama angashiwa ilengane"

Biyela:”Mina ngihamba phambili nonyoko siwaphethe yena ushayela kancane emuva, uphi ubabomncane wakho ndodana angifuni izandla zakho zibe negazi lakhe.”

Mlu:”Bengithi ngiyamuletha kuwe"

Biyela:”Ngiduzane ningashisi lutho ngifuna isithombe sababa esikhulu ngiyazi wasisusa obondeni"

Aluvale abantu sebaphume nasezindlini zabo babizana bonke, balokhu basondela kancane kancane.

Bonga:”Myeni ka sister manje labantu ngeke basifake ejayivini namaphoyisa?”

Mlu:”Ngeke my authi khululeka.”

Bonga:”Manje vele wena uyinkosi sos ipresident?”

Ahleke uMlungisi ulokhu uyamulandela la egcekeni makahamba abheka.

Mlu:”Cha ubaba inkosi.”

Bonga:”Mara ithayma seligugile kusho ukuthi lestulo socoviwa nguwe.”

Mlu:”Sho.”

Bonga:"Eish kumnandi kuba nguwe manje masifuna kubona isister uzosivumela?"

Mku:"My authi khululeka nizombona naye uzoza azovakasha ekhaya."

Bonga:"Ngiyayincaswa lepleke ayinawo umsindo umuntu ngathi angazitholela umsebenzi ngapha ashiye lendawo enomsindo le. Ungatsheli uSambulo noNokubonga, phela mina edladleni ngikhinywa nayi oledi ngifisa kusuka manje anginafokol yokuzimela.

Amubheke uMlungisi acabange vele noSambulo uke wamutshela izinto ezingekho kahle ngomawabo.

Mlu:"Bona ngizokufunela idladla la ngikubhekele nesipani mhlawumbe uzazitholela nomfazi ukhohlwe uGabsile."

Bonga:"Ngiyabonga nkosi yami ngingajabula kabi indaba kaGabsile ioledi lalihlala lingitshela lokho. Lize lingivuse noma ngigidlile ukuthi ngiyomngenela kanti vele indunu ngiyayithanda nami"

Mlu:"Lezi ezinye izingane zangaphandle bothunywa nguye nakhona?"

Bonga:"Lapho ngiyazisola nkosi yami nginamahloni futhi"

Mlu:"Mawuza la uyaziyeka izindunu zabantu uzitholela eyakho angithi uthi uyayithanda."

Bafo:"Ngiyabonga kakhulu mina nendunu asisahlangani."

Baxhawulane babuyele ngaphandle esangweni sekugcwele into eyisimanga uSambulo asondele.

Sambulo:”Ngithume lababafana kuthi bazokhona kundlulisa bomama ngemoto yabo"

Mlu:”Nomamkhulu uyeza ngemuva, ndoda awubheke umubi kanjani ngezimpahla zezimamba.”

Sambulo:”Nawe ndoda kumele siyobheka lababafana esibafasele ezihlahleni kufuze kuthi sebaphapheme manje"

Mlu:”PHILANI?”

Asondele

Mlu:”Ngale kulomgwaqo ongenela la kunababafana bebasetshenziswa ubabakho sibafasele ezihlahleni aniyobabheka thatha abafana.”

Bonga:”Ngizovaya nabo nkosi yami"

uSambulo amubuke ubhuti wakhe uMlungisi ubuke yena.

Mlu:”Umucabangelani?”

Sambulo:”Ngifuna ashintshe my authi nami ngimuthembe yazi nginihalela kanjani ninoMduduzi"

Mlu:”Besixoxa ngale kodwa uthe ngingakushayeli.”

Sambulo:”Hayisuka khuluma ndoda.”

Mlu:”Uthi ukhinywa umawakhe akasathandi kuhlala kubo, ngithe ngizombhekela indawo la ngimakhele.”

Sambulo:”Ngiyabonga my authi nami ngizokusiza ngingaze ngimuvulele indawo yokugeza izimoto enze okuthile angikholwa ukuthi bazomuqhasha lamacala wakhe.”

Mlu:”Ungitshele emehlweni ukuthi uthanda indunu.”

Ahleke uSambulo kakhulu baze bababheke abaduze nabo noMlungisi ahleke.

Mlu:”Ngimtshelile ukuthi ayeke ezabantu uzazitholela eyakhe"

Iqhamuke imoto ekaBiyela iphambili ayimise phambi kwesango athi angehlika nenkosikazi nabafowabo ababili laba bekayolobola nabo uNokubonga, abantu bamujabulele bakikize bashaye makhwela. Kusuke izintuli ezinkulu sebafuna kugijimela kubo abanye bayazi ngeke bafike kuye bayazigiyela la abakhona, abanye bayakhala abanye bayakhuleka.

Lento eyenzekayo ize yenze naboMlungisi babe nomunyu. UBiyela abengakulindelanga lokhu naye ajabule umkakhe uyakhalake asondele uBiyela kuMduduzi amunike amacontact lenses wakhe awafake bese uya kulelitshe boMlungisi abeme kulo . Makagibela nje bamubone nabasemumva uphinde futhi umsindo bajabule abaphakamisele izandla umntomdala.

Mlu:”Ungehli baba khuluma ukuthi uzoshisa la bake bezwe iphimbo lakho.”

Biyela:”Wena mfana ingane yami ibikhala kabhlungu masiqeda la uyahamba uyolanda izinkomo uzomulobola nxxxx ngizakuthi"

Amuveyise ngempama bahleke ngoba bayamubona uyazidlalela bese uthulisa umsindo ngezandla zakhe kuthule cwaka.

Biyela:”Bantu baseMgazini ngiyaxolisa ngakho konke enindlule kuko nami ngaphucwa nibhekile kepha manje ngibuyele.”

Usuke futhi umsindo baphazanyiswe ukuqhamuka kwemoto kamamkhulu nayo bayivulele indlela ize kancane ize ime. Babe baphuma boGabsile emotweni ingakemi nakahle phela bababonile ngoba beme etsheni baphezulu uNokubonga sekakhohliwe nabazali bakaMlungisi ukuthi uyabasaba afike adonse uMlungisi ngonyawo ehle acishe ukuwa. Afike amuwolele kuye akhale futhi uSambulo azehlele ahlangabeze uGabsile naye akasaboni nakahle indlela ngenxa yezinyembezi.

UMduduzi uyazi ukuthi uLungile uyazisabela ehle emotweni kodwa angasondeli aziyele kuye. Akhale kakhulu uLungile amubambe uMduduzi.

Lungile:"Mduduzi ungaphinde uye empini ungishiye ngithembise"

Mdu:"Uma kumele ngivikele wena nomfana wami ngizokwenza futhi."

Akhumbule ukuthi bathe lengane eyakhe amuhage.

Mdu:"Uyazi angithi ukuthi ezinye izinto angizikhumbuli bengizenza ngifakwe lento."

Lungile:"Ngiyazi."

Mdu:"Ngisola ngathi lengane besizoyilanda eyami ngiyaxolisa angazi kungani bangafuni kungitshela ekhaya"

Lungile:"Umawayo uphi?"

Mdu:"Udubulekile wafa."

Lungile:"Kulungile sesinezingane ezimbili anginankinga sthandwa sami uma nginawe nje ngizomthatha njengengane yami naye."

Umamkhulu ubalalele nje uyabadabukela futhi ngoba lothando lwabo luyasabisa kanti kunento engabhidliza lothando lwabo.

Mdu:"Ngiyabonga sthandwa sami, ngifuna kukushada ngokushesha uMlungisi ngathi,angashesha."

Lungile:"Kahle  hawu angiyindawo ngeke ngikubalekele kumele ngiqale ngihlele umndeni nje ngoba nakhu sesinamadodana amabili."

Mdu:"Awumufuni uNonduduzo kababakhe."

Lungile:"Emva kweminyaka emibili hayi manje".

Anikine ikhanda umamkhulu baqabulane lapho uMduduzi asondele endlebeni yakhe.

Mdu:"Asambe siye ekhaya."

Lungile:"Ufunani ekhaya?"

Mdu:"Ngifuna lokhu."

Amubambe ngaphambili.

Lungile:"UNduduzo?"

Mdu:"Mulethe la"

Amuthathe asondele kumawakhe amubambise yena amuthathe umaBiyela enganakanga lutho naye, uBiyela aqhubeke akhulume.

Biyela:"Ngicela ningamangali ngengizokwenza la ngizoshisa lendawo ngoba igcwele ngobumnyama kakhulu inkosi yenu entsha izokwakha ubukhosi bayo kabusha.."

Omunye amemeze phakathi kwesixuku.

"Ubani inkosi entsha thina sifuna wena Menziwa"

Abanye:"Yeeeeeeeeeee."

Biyela:"Phela mina sengigugile ngiyikhehla manje nayi inkosi yenu entsha izobekwa phambi kwenu, izoshadiswa yinina ihlaliswe esihlalweni sayo nendlovukazi yayo. Namuhla sibuya koyilobola Indlovukazi yenu. Mina ngizobe ngimukhomba nje indodana yami yokuqala."

Kusuke umsindo futhi wenjabulo amakhwele ukukikiza abanye bayamazi ngoba usebenza emetekisini kodwa abanankinga bajabulela ukuthi isusiwe inkosi beyibahlukumeza.

Biyela:"Inkosi yenu entsha ithi kusasa lokhu okusayo izoniwisela izinkomo izinkunzi ezinhlanu kugezwe lendawo nibuye nizodla nigiye. Mina sengizokwenza engize ngakho."

Ehlike etsheni angene phakathi basabanga umsindo abantu abanye bayakhala pho balahlekelwa izihlobo zabo ngenxa yokushiswa. Okungenani bayitholile inkululeko umamba ngaphakathi emotweni ugadwe uNtombela sekacasuke ufile ngoba ezwa imfudumalo amukelwa ngayo uBiyela. Angene nendlovukazi imulandele iphethe uNduduzo afike athathe isithombe senkosi endala ubabakhe nesikamawakhe aphume nazo.

UMlungisi ahambe ayokhipha lengane esikwe inkosi mbumbulu aphume nayo. Sebathelile upetiloli yonke indawo makaphuma athathe umlilo azishisele yena bese bayaphuma bayomela kude.

Aqonde emotweni uBiyela adonse lenkosi mbumbulu imamba naboPhilani baqhamuke nabafana bakhe izimamba kanye noBonga. Eme nabo  phambi kwabantu. Bayamuhalela abantu bafisa kumubulala ngezabo izandla. Umamkhulu noNtombela basondele. UKhans makabona umamkhulu athatheke akhamise uMlungisi akhombise uSambulo.

Mlu:"Bona lobabakho sekagwinya amathe"

Amubheke uSambulo anikine ikhanda.

Sambulo:"Uthanda abafazi awumazi."

Mlu:"Uthanda indunu njengoBonga."

Bahleke

Sambulo:"Ndoda wena uzobahola kanjani labantu uthanda ukudlala kanje."

Mlu:"Nguwe ongenza ngibe nje."

Sambulo:"Angimusoli kodwa ubabKhans lihle ioledi phela."

Mlu:"Niyafana nonke"

Sambulo:"Ndoda ungazonginyela ufuna ukuthi ngimuhle manje."

Mlu:"Umuhle vele ngithini."

Bahleke noGabsile ahleke naye ngoba uyabezwa abakukhulumayo.

Biyela:”Ngimenzeni?”

Abantu:”Mufake emlilweni.”

Bakhuze umamkhulu noNtombela.

Ntombela:”Uzoncolisa ubukhosi nkosi yami"

Mamkhulu:”Munike uKhans uyamufuna vele”

Asangane ikhanda uKhans ezwa igama lakhe liphume emlonyeni kamamkhulu asondele kuye uSambulo.

Sambulo:”Umawami lona khohlwa thayma futhi usazithandela ubaba, wena unenkosikazi yakho.”

Ahleke uKhans.

Khans:”Ngizoyibulala inkosikazi yami bese ngibulala nobabakho ngizobese ngiyamduduza.”

Sambulo:”Uyabheda ndoda"

Khans:”Bengingazi ukuthi umamkhulu muhle kangaka yazi mawulokhu uthi mamkhulu ngicabanga esidala isalukazi.”

Biyela:”Nali ikhanda mnumzane"

Khans:"Mfana letha insimbi yami emotweni"

Agijime lo othunyiwe abuye nenkemba ecwebezelayo abantu bajabulile uKhans uyabonakala ukuthi isigebengu esidala uphunyuka bemphethe nangendlela agqoke ngayo iyazisho nje ukuthi uguluva wekhehla. UNtombela amukhombe ukuthi awenzelephi lomsebenzi wakhe. Wenza konke lokhu umamkhulu umubhekile.

Khans:"Abanye abantu abashintshi noma bangadedelwa"

Ntombela:"Bulala lento."

Abafana baKhans basondele bamubeke ikhanda etsheni kepha basithe abantu ukuthi bangaboni ikhale inkosi mbumbulu.

Mamba:"Hawuuuu ngane kama ngiyaxolisa."

Zehle izinyembezi zilandelana amakhosikazi akhe aziphumele la bewacashiswe khona amele le kude abukele nje. Bakhalela izingane nje ezizokhula zingamazi uyise abanye babona inkululeko phela bekababahlukumeza kwabona.

Akhale ampompoloze ngephimbo elihoshozayo ayiphakamise inkemba uKhans amushaye entanyeni kuhlukane ikhanda nomzimba ngaleso sikhathi. Yize bafihlile uPhilani uyitholile intunja yokubukela. Wamubona ubabakhe afa ngesihluku kepha wangasho lutho wangathinteka futhi wabuka yonke into abamenza yona. uKhans wathatha ikhanda lakhe walifaka epulastikini elimnyama ngathi inyama igazi lisaphuma ngathi kuvulwe impompi, UPhilani wasondela.

Philani:"Ngiyindodana yakhe yokuqala ngicela uthathe nomzimba wakhe uwuphose kulowa mfula osekungeneleni kwalendawo uqaphele kunezingwenya lapho."

Khans:"Ndodana ngiyaxolisa ungibone ngenza lokhu kubaba wakho."

Phila:"Akudingi nokuthi uchaze ngiyazwisisa lowo mfula bekadlwengula izingane zabantu aziphose khona makangazishisanga."

Khans:"Unesibindi ndodana makukhona okudingayo utshele inkosi entsha izokuxhumanisa nami"

Makaphenduka uKhans ahlangane namehlo kamamkhulu babhekane bese umamkhulu uyasuka uyoma celeni kwendodana yakhe.

Khans:"Sambulo sengiyahamba mina uzongazisa masekubekwa inkosi"

Sambulo:"Kulungile baba uhambe kahle"

Aphinde abheke umamkhulu aphenduke ayongena emotweni yakhe nabafana  bakhe abanye basale ahambe bajabule abantu iyasha indlu ukushisa kuze kuzwakala ngale komgwaqo. USambulo omncane sekalaliswe phansi wambeswa umzimba wonke uPhilani wayobiza umama kaSambulo obeyinkosikazi yesithathu. Naye umemeze kwaba buhlungu kuwo wonke umuntu.

Biyela:"Ndodana uphi umfowenu?"

Bathalaze bonke umamkhulu azithulele nje ngathi akazi.

MaBiyella:"Unginike uNduduzo angazi ubese uphelelaphi."

Biyela:"UmakaNduduzo uphi yena?"

UMlungisi abhekane noSambulo bazimoyizelele uBiyele anikine ikhanda.

Biyela:”UMduduzi kumele asheshe kushada uzosifaka enkingeni nomndeni walomntwana uyayimora ingane yabantu yerrr.”

Bangasahlekeli phakathi bakukhiphe ukuhleka.

Mlungisi:"Uyimora ngani baba?"

Biyela:"Ngalento ayoyenza ngoba banyamalele nje"

MaBiyela:"Kahle baba uyamazi uLungile unamahloni abantu abaningi uyabasaba mhlawumbe basithele nje bayazixoxela"

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Mabaphuma eMgazini uMduduzi noLungile ushayele njengohlanya la emgwaqeni amanye amalobothi awandlula angemi kuwo. NoLungile abengamukhuzi ngoba naye ufuna lokhu akufunayo.

Mdu:”Yoooo ngathi siya phesheya sangafika.”

Lungile:”Sesiyafika hawu.”

Babhekane bamoyizelelane uthe angayifaka phakathi egcekeni lakubo imoto wayishiya kanjalo ime kabi ngenhlanhla ukhiye wendlu ubukuLungile ngoba kugcinele yena ukuphuma mabahamba. Bavule bangene aphinde akhiye uMduduzi baye egumbini labo akhumule afake amanzi ebhavini.

Mdu:”Ngifuna kususa umjuluko"

Lungile:”Anginandaba nomjuluko wakho uzoqeda ukugeza sengizimoshile.”

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 31🌼

KWABALOYI🌼

UmamBaloyi bahlezi emathuneni benoScelo baqeda kuncwaba uThandazo bekuyibo bobathathu nje uThemba wahamba ngokushesha ngoba edingeka kwelinye ishishini likaSambulo lokwakha.

MamBaloyi:"Mfanami kumele sihambe manje"

Athule abheke phansi uScelo ziphinde zehle zilandelana izinyembezi.

MamBaloyi:"Ndodana usincwabile isthandwa sakho kahle futhi ukuthi ubuwedwa lokho akusho lutho. Umndeni wakhe uwutshelille yibona abakhetha ukungezi. Mina ndodana ngiyakuhlonipha ngalento oyenzile.."

Scelo:"Ngizoshonaphi mina mama nengane yami, angikayethi negama mangiyibheka ngibona umawayo."

MamBaloyi:"Ufuna ukuyaphi kanti wena nomzukulu wami ngizokufaka amaphoyisa mina nalensimbi yami sofuna kugcwala iziganga nengane encane kangaka ugogo wayo ekhona."

Scelo:"Mama seningenzele kukhulu nino bhuti angisafuni ukuba wumthwalo ngicabanga ukubuyela ezweni lasekhaya."

MamBaloyi:"Kahle wena mina ngijabule ukuba nengane yomfana enye enhle futhi uyayibona leyami isabeka kanjani ngathi ihlala ehlathini."

Ahleke uScelo

MamBaloyi:"Asambe mfanami usekhaya lapha uzohlala nami ukhululeke, intombi yakho mayikuvakashela nizobhebhana ehhokweni lezinkukhu ngoba angiwufuni lowo mkhuba emzini wami."

Ahleke futhi uScelo.

Scelo:"Angikholwa ukuthi ngiyophinde ngibe nentombi mina ma"

MamBaloyi:"Kusakhuluma inhliziyo ebuhlungu nje uzoba nayo futhi ngifisa ngathi ungathola umuntu ozokwamukela  uMpilwenhle."

Scelo:"Ngaze ngalithanda lelogama ma"

MamBaloyi:"Ingane ungayethi igama ngesimo evelele kuso uzoba nempilo enhle lengane futhi ende ngeke kodwa simubize ngoMpilwende. UMpilo enhle"

Scelo:"Ngiyalithanda asambe ma."

MamBaloyi:"Asambe baba kaMpilwenhle."

Mabasuka nje kuqhamuke amajuba amaningi amhlophe andizele duzane nabo bese elilodwa lihlala phezu kwethuna likaNomthandazo. Balibheke lingasuki.

MamBaloyi:"Ngane yami uyakukhulula umama kaMpilwenhle.."

Makaqeda kusho njalo umamBaloyi lindize lejuba futhi lihlangane namanye awabheke uScelo abone ngathi sekabona ubuso bukaThandazo obukhulu amumoyizelela acwayize uScelo azihlikihle amehlo aphinde abheke phezulu busekhona lobuso naye agcine sekamoyizela kwehle nezinyembezi. Abheke umamBaloyi sekamulindile le makabheka phezulu futhi abusekho ahambe. Ulokhu ecabanga ingabe ngempela abebona uThandazo noma sekayagula.

Scelo:"Ma ngifuna ukuya esibhedlela indodakazi yami nginezinsuku ezintathu ngingayiboni."

MamBaloyi:"Kulungile ndodana ngishiye ekhaya ugeze izandla kuqala nawe bese uyadla."

Scelo:"Ngiyabonga futhi ma ngizozikhokhela lezindleko zebhokisi"

MamBaloyi:"Uyibeke eyamalobolo leyo mali.."

Bangene emotweni uThemba umcelele imoto kuSambulo mabenza amalungiselelo ngoba bebahlukana kaningi.

Scelo:"Ewu ma musa ukudlala ngami akunamuntu engizomulobola angifuni muntu ozosokolisa ingane yami la."

MamBaloyi:"Kusho ukuthi uzobulawa indlwabuke uMpilo ngeke akhuliswe indlwabu udinga umama"

Ahleke uScelo akakakhoni ukujwayela lamagama anje aphuma emlonyeni womuntu omdala. Bafike ekhaya ageze ashintshe abuye azodla.

MamBaloyi:"Scelo masohamba ukhiye ngiyophumula ngikhathele"

Angakaphenduli uScelo kukhale ucingo lwakhe afake isandla esikhwameni sephinifa lakhe isandla sibuye nesibhamu esincane asifake kwesinye bese ukhipha ucingo lwakhe.

MamBaloyi:"Lungi"

Lungi:"Unjani mama?"

MamBaloyi:"Ngiyaphila mntanami."

Lungi:”Nincwabe kanjani?”

MamBaloyi:”Kahle mntanami wena unjani?”

Athule uLungile kancane usacabanga lento afuna kuyikhuluma nomawakhe.

Lungi:”Ngikahle ma.”

MamBaloyi:”Khulumake ngiyazi mawudonsa umoya kaningi udla nezinzipho lapho kukhona ofuna kukusho umama ulalele.”

Lungile:"Mama ngiyamthanda.”

MamBaloyi:”Weeeee Nkosi encwele sophisene ngengcuza yakho Lungile?”

Lungile:”Mama mana ngokudlala ngifuna kukutshela okuthile.”

MamBaloyi:”Ubani othi ngiyadlala ngoba ngikubuza ngempela, ngitsheleke ngaye"

Lungile:"Mama igama lakhe uBiyela waka Mduduzi uthanda indodana yami ngathi eyakhe ma"

MamBaloyi:”Cha usemathandweni ngempela noma lomuntu wakho kukhona okungekho kahle ngaye igama lakhe uBiyela isibongo uMduduzi bese isithakazelo ubani ududu.”

Ahleke uLungile.

Lungi:”Cha ma kube yiphutha.”

MamBaloyi:”Tshela mina ilomfana osebenza esitolo sakubo lesi esikhulukazi?”

Lungi:”Nguyena ma"

MamBaloyi:”Mntanami makathanda indodana yakho ungivale umlomo wami lo.”

Lungi:”Mama ufuna kuzovela ekhaya.”

Athuke umamBaloyi angabi nanawo amazwi okuphapha ngoba ahlala enza.

MamBaloyi:”LUNGILE.”

Lungi:”Abethi sizolinda ubhuti wakhe ashade manje ngathi kubanzima.”

MamBaloyi:"Manibonana ngicela ungikhulumise naye"

Lungi:"Nginaye ma."

MamBaloyi:"Weee Lungile usasekhabo lomfana selokhu wahamba kwa anti wena?"

Lungi:"Ngiyaxolisa ma kunzima ukuhamba akuhlukaneki."

MamBaloyi:"Mntanami ngicela uzibheke ngiyathemba akusiye umnyamane angifune bazukulu abamnyama mina ngeke ngibasule noma bazikakele. Ngifuna abazukulu abafana noNduduzo uyabona kuyoba insizwa yakwabo."

Lungi:"Uyamamukela ma?"

MamBaloyi:"Mntanami  ukhethwe inhliziyo yakho akukho engingakusho ngeke futhi umama akuvimbele makazokwenza into ekahle. Mulethe la."

Amuzwe umamBaloyi uLungi makamutshela

Lungi:"Umama ufuna kukhuluma nawe"

Mdu:"Sthandwa sami ngiyasaba umama ngizomubona masengenze kahle ngalobola."

Lungi:"Hayibo manje ngithini mina kuma?"

Mdu:"Nginamahloni makaNdu."

Lungi:"Kulungileke."

Mdu:"Ungakwati lethake."

Kuthuleke amuzwe sekadonsa umoya aze amoyizele kancane.

"Sawbona ma."

MamBaloyi:"Uyiletha nini ingane yami ngoba angisayazi?"

Mdu:"Namanje ngingayiletha ma uma ufuna kuyibona"

MamBaloyi:"Kusasa ngimukhumbulile mangabe bazomkhulula emsebenzini."

Mdu:"Uzovuswa nguyena ma ngiyathembisa."

MamBaloyi:”Uzofuna ukujika naye futhi?”

Mdu:”Ngizomushiya makafuna ma.

MamBaloyi:”Kulungile"

Mdu:”Ingane yami indlule ebunzimeni ndodana ungayilimazi uyiphile inhliziyo.”

Mdu:”Ngiyazi ma wangazisa yonke indaba.”

MamBaloyi:”Wena awunayo inkinga ngalokho?”

Mdu:”Anginayo.”

MamBaloyi:”Iphimbo lakho liyajwayeleka nje ndodana wake wahlala ngapha?”

Mdu:”Cha mama.”

MamBaloyi:”Kulungile ndodana ngizonigadake kusasa.”

Mdu:”Mmm mina ngeke ngingene ma ngizomehlisa esangweni.”

MamBaloyi:”Uthi ukwenzelani lokho?”

Mdu:”Ubaba angangibulala akumelanga ngingene ngingakenzi okuhle"

MamBaloyi:”Ndodana ngahle ngakuthanda ngingakakuboni mhlawumbe uneso elilodwa nemilenze engalingani mina sengihle ngikwamukele, makunjaloke ngeke ngisavuma ngengane yami.”

Amoyizele uMdu usaba lokugegetheka bavalelisane adonse umoya umamBaloyi kungene noThemba.

Themba:”Sthandwa sami ucabangani kangaka"

MamBaloyi:”Bengikhuluma nesoka likaLungile.”

Themba:”ULungile kanti uyele ukuba nesoka ka anti akabuye.”

MamBaloyi:”Hayisuka wena ukubhedela ingane uzomnika yini lokhu akunikwa yilesoka uyalithanda ngimuzwa ocingweni akukho ongakwenza yeka ingane yami ijole”

Ahleke uScelo

Themba:"Mama ubukhulumani nalo?”

MamBaloyi:”Waze wangilaya Baloyi wabiza lengane yakho ngobabBaloyi manje sekazibona anguye ngempela. ULungile uthi bafuna ukumlobola. Wena ulobola nini awungitshele?”

Themba:”Mama umnyamane ngeke kulunge sengibekezele ngiyezwa nje ngiyahluleka angikamtholi engingamulobola.”

MamBaloyi:”Thatha ipentshisi.”

Themba:”Ipentshisi belilotsholwa nalo.”

MamBaloyi:”Hayike gananani ninoScelo angithi sekuyenziwa vele"

Bahleke futhi uThemba anikine ikhanda.

Themba:”Wena uzizwa njani ngokulotsholwa kukaLungi?”

MamBaloyi:”Ngijabulile yazi bengingazi ukuthi kusayoke kube khona umuntu ozomuthanda emva kwalenhlekelele eyamuve...”

Athuke makakhumbula ukuthi indodana yakhe wayifihlela ngaleso sehlakalo nangokufa kukababakhe.

Themba:”Inhlekelele yani m?”

MamBaloyi:”Ngisayophumula.”

Themba:”Mama unento ongifihlela yona kwenzakalani.”

Amubheke umamBaloyi uScelo abone ukuthi akabanike ithuba sekaqedile ukugeza isitsha abedla ngaso.

Scelo:”Sengiya esibhedlela ngizonibona ntambama ma, nawe bafo.”

Themba:"Sho ntwana”

Scelo:”Imoto ngisengaqhubeka ngiyisebenzise?”

Themba:”Khululeka ntwana.”

MamBaloyi:"Thatha ukhiyo uzobuya ngilele"

Asithathe aphume abashiye babhekene emehlweni.

Themba:”Mama khuluma"

Izinyembezi zizehlele yebo ujabulile ukuthi ingane yakhe ithole uthando kodwa ngeke akhohlwe indlela umyeni wakhe amushiya kabhlungu ngakhona. Kubuye konke ngoba bebesemathuneni noScelo, makalokhu ahlezi ethuneni uScelo uhambile naye waya ethuneni lomyeni wakhe. Konke kubuye ngathi kuqeda kwenzeka walizwa uhleko lomdlwenguli phezu kwengane yakhe, amehlo akhe amakhulu asabekayo nokuquma kwakhe. Akhale umamBaloyi athuke uThemba phela umawakhe uqinile kakhulu futhi.

Themba:”Mama kwenzakalani?”

MamBaloyi:”Angisakhoni ukuthula nalento mina ndodana ngiyazama ngenzela wena kodwa iyangihlula iyangisinda manje. Ohhhhh Baloyi wangishiyelani ngesihluku esingaka.”

UThemba sekayahlukumezeka emoyeni manje.

Themba:”Ukhumbule ubaba yini mam?”

MamBaloyi:”Ngimukise egumbini lami mfanami.”

Themba:”No mama khuluma kwenzekani.”

MamBaloyi:”Ndodana indaba yokushona kwababakho azange ngakutshela iqiniso"

Themba:”Kwenzakalani kanti.”

MamBaloyi:”Ngangivikela wena ndodana ngoba bengazi ukuthi uzogcwala izinkalo ufunane nombulali.”

Themba:”Uyamazi umbulali?”

MamBaloyi:”Kwangena umuntu la egijinyiswa abantu bamudubula wafihla lemali abayifunayo, bona bayicinga mabangayitholi ngaphandle bangena la endlini badubula lomnyango. Babhekisa yonke into phezulu mabalokhu baguduza kwavela uLungile ezigqokele izinto zakhe ezimfishane zokulala. Lomholi wabo wayegqoke ijazi elimnyama elide wamudlwengula.”

Themba:”MAMA"

MamaBaloyi:”Ubaba wakho wahluleka ukumelana nokukhala kwengane yakhe encane wasukuma wazama kuyomusiza bamdubula ngaleso sikhathi”

Themba:”MAMA LA?”

MamBaloyi:”Yebo ndodana wadutshulwa nguye lomdlwenguli abangani bakhe bamulinda makaqeda ukuzidelisa ngoLungile bahamba"

Themba:”UNduduzo ingane yomdlwenguli bekungamanga ukuthi ubalekile uyise wakhe?”

MamBaloyi:”Ngiyaxolisa ndodana"

Uyavevezela manje uThemba uphuma izinyembezi wehla izinche kodwa iphimbo alikho aliphumi, aphakame athathe imicrowave ekhabetheni ayiphose phansi, avule makhabethe awisele izitsha phansi. umamBaloyi avale izindlebe ngezandla.

MamBaloyi:”Va Ka Baloyi  Kumbe Varodzwi uxolo ndodana"

Themba:”Ubabami wabulawa njengenja, ingane yasekhaya yathathelwa ubuntombi bayo njengonondindwa.”

MamBaloyi:”Ndodana ngicela ungayi kuyomucinga.”

Themba:”Ngizomufuna ngize ngimuthole awusho lutho kimi mama lutho uyayazi indodana yakho yenza izinto zenzeke. Kudala nginivikela la ekhaya ngisemuncane. Ubabami mama ewami ubaba ubulawe ngathi akanayo indodana uyozisola loyo”

Agxavule ukhiyo wemoto aphume noma sekayikhipha uyishayela ngesivinini umamBaloyi ashiye lobusaphasapha lapho akhiye emnyango aqonde  egumbini lakhe avale akhiphe isithombe

somyeni wakhe asibheke. Aguqe phansi amagama okuthandaza angafiki avele akhale angene engubeni. Azumeke umqamelo usumanzi nte izinyembezi.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Scelo🌼

Angazi ngizithini lezinhlungu engizizwa phakathi kimi uThandazo wangithanda ngingulazaru ngilenga ngingazazi ngiyaphi. Wangimukisa kubabakhe naye wangamukela ngezandla ezifuthumele. Ngamubona engubaba kimi. Ngafulathela izwe laseMgazini emva kokuthi inkosi yakhona ibulale umndeni wami emva kokudlwengula usesi wami. Basha baphela bonke mina ngakhona ukuphuma ngisenamabala okusha emzimbeni nasezinyaweni engawapholiswa nguyena uThandazo.

Sezwa sekuqhuma kunuka intuthu endlini yasekhaya ubaba waqonda emnyango makavula nje wahlangana nezinhlamvu zabonogada benkosi bamdubula waze wathula. Sazama ukubaleka bahlala phambi kwendlu kuthi singakhoni ukweqa. Usesi wami yena wavele wabulawa ukuthuka nentuthu.

Sinomama saphula ifastela elalisemva kwendlu ngazama ukumkhipha wala umama izinyawo zase ziqalile zisha umlilo sogcwele yonke indawo. Ngaphuma ngamudonsa ukuthi aphume naye sathi masesingaphandle waphelelwa amandla washo naye ukuthi uyafa.

Ngangingasakhoni ukumubamba ngoba wayeseshe kakhulu asuka isikhumba mangimuthinta iphimbo lakhe ngisalizwa nanamuhla.

Mama:”Baleka Scelo uzovusa isibongo sikayihlo lapho oyophelela khona. Hamba ndodana.”

Ngabona sekuwa uphahla lwendlu lumuvala nalentombazane eyavumbuka ngalapho angazi yaphelelaphi ngoba kwaqhamuka unogada. Besengazi vele ukuthi kuphelile ngomama ngahamba kanjalo. Manje nakhu futhi izinhlungu zibuyile uThandazo wayekhona ukungilapha lezinhlungu, uhambile naye sengisele nendodakazi yethu. Iyohlala iyisikhumbuzo sothando lwethu.

Ngifike esibhedlela ngizisule kahle izinyembezi  ngingene ngiqonde ewodini lezingane, embhedeni bekalaliswe kuwo sekunenye ingane. Ngithuke hayibo ngizibheke zonke lezingane ziyafana izingane ezincane kepha eyami ngiyayazi noma ngingazange ngiyibone kaningi kepha ifana nami. Kuqhamuke umhlengikazi

Nesi:”Bhuti singakusiza?”

Mina:”Ingane yami ibilele la manje angiyiboni.”

Nesi:”Kunezingane ezimbili ezishonile namuhla ekuseni kungenzeka  enye yazo ngilandele.”

Abanye abantu abanahliziyo ukhuluma ngathi kufe isilwane, ngiyathemba akusiye uMpilwenhle. Yebo ngike ngafisa ukuthi kube kuhambe yena enye ingane besizoyithola yingakho bekunzima nokuthi ngiyibambe. Manje sengamukele ukuthi ngisele nengane eyami ngiyayithanda ohhh Nkosi yami akungabi yiyona. Sengimane ngiyalenga nje ngixega amadolo siye kumabhalane amuhlebele okuthile.

Mabhalane:”Ubani igama lengane yakho mnumzane?”

Mina:”Bengingakamethi.”

Mabhalane:”Umawayo?”

Mina:”UThandazo"

Angibheke

Mabhalane:”BesinaboThandazo abathathu oyedwa uphumile nengane yakhe omunye azange aphile emva kwamalanga ingane yakhe yamulandela nalo omunye naye azange aphile kepha ingane yakhe isikhishiwe esibhedlela iluleme ngicela isibongo.”

Angazi noma angifuni ukuzwa noma kanjalo

Mina:”Ngicela lo okhishiwe.”

Mabhalane:”Angivumelekanga ukwenza lokho ngicela uyobheka emakhazeni uma kungasinguye ngizokuxhumanisa nalo okhishiwe"

Angilayele ngihambe mangifika badonsa lelayi ngiyathuka ingane encane efakwe elayini lamakhaza lesimo sibuhlungu impela. Ngimubheke cha akusiye ngijabule ngiphume ngibuyele kulomabhalane ngimazise.

Mabhalane:”Ingabe unguScelo?”

Mina:”Yebo uyise wengane"

Amoyizele

Mabhalane:”Ngiyaxolisa ukukuzulisa ingane yakho ikhishiwe ngenxa yokuthi besingakutholi bodokotela bamubeke ngale emawodini wabantwana.”

Mina:”Kusho ukuthi ngizofike ngimuthathe nje ngihambe naye?”

Avume bengingakulindele lokho,ngoba angikamulungiseli kepha ngijabulile. Masifika ewodini labantwana kukhona omunye udokotela akhulume naye lomabhalane bese usondela kimi umabhalane asishiye.

Dr:”Mnumzane ingane yakho iluleme yakhishwa ifike ngapha yahlala usuku olulodwa ngenxa yokuthi imibhede asinayo kufike ingane egula kakhulu omunye unesi ubese emthatha athi uzohlala naye kepha makuphela inyanga umndeni ungaqhamuki sizoyiyisa ezintandaneni.”

Ngibe buhlungu ingane yami ezintandaneni ngikhona.

Mina:”Manje ngingayitholaphi"

Dr:”Ngiyashayisa manje mawungangilinda nje kancane ngizokumukisa kalonesi ngoba akukude mina ngiyandlula kodwa.”

Mina:”Angeke ukhone mhlawumbe ukungilayela.”

Dr:"Cha ngiyaxolisa ngoba angikwazi noma uzoyeba ingane."

Ngivume mxm uthi yena uzongiphelezela kepha akazi noma ngiyisigebengu ngoba mangiyiso ngizoqala ngaye. Ngiphinde ngijike ngihlangane naye emnyango.

Mina:"Ngeke ukhone ukumshayela lowo nesi okungenani amulethe"

Dr:"Sengiqedile ngilanda isikhwama sami nje"

Ngimulandele ayokulanda siphume makayogibela emotweni yakhe ngithi ngizomulandela ngemva. Silandelane singene kwamanye amafulethi bakhuluma ngalodokotela owasilandela naye samushiya la, noma omunye maningi amagumbi la. Singene sehlike ngimulandele uhamba phambili afike anokhe komunye umnyango. Avule lowo amehlo ethu ahlangane ngempela nguyena lodokotela lona uthe unesi njena.

Dr:"Uyise wengane ufikile namuhla, wathi uyamazi ingabe nguye lo?"

Avume ngekhanda avule nesango lomnyango ngingene ajike lodokotela avale umnyango. Phezu kwekhabethe nawa amabhodlela engane angazi kungani angisize kangaka bandla kepha ngiyabonga.

"Bengisaba ukuza kini emva kwalento eyenzeka bengizitshela vele ukuthi uzoqhamuka, asambe uzombona izolo nenongwane yakhe isiwile."

Mina:"Ngiyabonga dr"

"Ngicelaungibize ngoNtwenhle"

Mina:"Kulungile uphi uMpilwenhle?"

Ntwenhle:"Umethe igama?"

Mina:"Eya"

Ntwenhle:"Angazi noma ungibhedile mina ngimubiza ngegama likamawakhe."

Lentombazane iyaphapha yerrrr kodwa ngingasho lutho ngimulandele angifake egumbini lakhe kufuthumele kamnandi. Umulalise embhedeni wakhe kepha nombhede wezingane nawu eceleni.

Ntwenhle:"Kudala uhamba emoyeni uThandazo usathambile ngicela ungene lapha ugeze izandla."

Ngenze lokhu okushiwoyo ngiguqe phansi ngimubheke ingane yami cha abeyinakekele, ngizame ukumthatha ngisabe ukumuwisa. Asondele ngokushesha amuphakamise anginike yena.

Ntwenhle:"Ungahlala khona la"

Ngihlale phansi nami ngimubheke muhle kakhulu

Mina:"Angazi ngithini,Ntwenhle ngiyabonga."

Ntwenhle:"Bekungenziwa noma ngabe ubani lokhu"

Mina:"Angazi ngizokukhokhela njani ngempela."

Ntwenhle:"Yinhle intombazane yakho naka yona ukhohlwe okuningi, ngizoya ngale ekhishini ngininike ithuba"

Mina:"Manje masengihamba ngizoshayela kanjani ngoba akakwazi ukuhlala futhi ngihamba ngedwa."

Ntwenhle:"Uzomuthatha kanti?"

Mina:"Hawu."

Ntwenhle:"Ngicela kukubhekela yena bandla"

Mina:"Emsebenzini?"

Ntwenhle:"Ngisasengumfundi lapha bengenza inservice training sengiqedile ngizophinde ngibuyeke emva kwenyanga, manje ngilungisela ukuyobhala."

Mina:"Uzofunda kanjani?"

Ntwenhle:"Akahluphi yazi uyazidlela azilalele kanti makahlupha makumele ngifunde ngizokwazisa. Ngicela umuyeke manje athi ukukhula khula."

Mina:"Ngiyabonga Ntwenhle angazi yazi ngenzenjani."

Ntwenhle:"Ubuye kusasa sizoya komenzela isitifiketi sokuzalwa uphathe isitifiketi sikamawakhe sokushona, id yakho ufike ekuseni."

Mina:"Kulungile, ungahamba uyofunda ngoba ngisekhona."

Ntwenhle:"Ngiqedile okwanamuhla ngiyopheka manje"

Aphume

Mina:"Makhulukhulu kababa Nomthandazo Ntwenhle ubaba uzokugada ukhule."

Uvula amehlo kancane aphinde alale....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UThemba washayela wayoma kude le washayela u anti ucingo

Themba:"Anti nawe uhlezi nalemfihlo yokubulawa kukababa ubhuti wakho awungazisi"

Anti:"Ndodana besivikela wena."

Themba:"Ningivikela ini anti"

Anti:"Ndodana ngicela ungacingi labantu."

Aluvale aphinde ayinyathele ahambe elokhu ejika aqhubeke nendlela uyalwa la emqondweni yakhe uyazibuza uyaziphendula.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UMduduzi baqeda benoLungile bageza uLungile wayopheka ukudla okwanele, ayiwusabike umsebenzi ingane kaBaloyi umawayo wayifundisa.

Mdu:"Umawakho ngathi uyazikhulumela"

Lungi:"Awumazi, manje sekushoda ubhuti"

Mdu:"Ngendlela okhuluma ngayo ngaye ngathi uyamusaba nje"

Lungi:"Ngiyamuhlonipha ubhuti akazwani nento ebheke eceleni"

Mdu:"Yena kwamuphatha kanjani lento eyamuvelela?"

Lungi:"Azange samutshela ngoba umama ayesaba ukuthi uzocinga labantu bamubulale naye."

Bezwe sekuma imoto ngaphandle uLungile azame ukubaleka amubambe uMduduzi.

Mdu:"Uzowujwayela njani umndeni wami uhlala uwubaleka."

Aqhubeke azibondise into engapheli bangene balandelana kubonakala ukuthi bakhathele.

MaBiyela:"Wuuuuu Lungile ngathi ubungizwa la endleleni yazi abantu uthi uhamba nabo bakutshele ukuthi balambile, wasiza wapheka nana"

Mlungisi:"Ntwana usuthi manje?"

USambulo ahleke

Biyela:"Mlungisi izani nomfowenu siyokhuluma ngale shiyani bomama emabhodweni."

Balandele ubababo bayohlala phansi.

Biyela:"Uzimisele ngani ngalengane Mduduz?"

Mdu:"Ngiyashada baba mina bengithi ngizomela uMlungisi aqede konke kodwa ngathi ngiyahluleka manje."

Mlungisi:"Heeee usho ukuthi mina ngenza kancane ngiyamodela ndoda."

Mdu:”Cha angisho kanjalo manje ngoba alobolile ngicela kuyolobola nami emva kokushada kwakhe nokugcotshwa kwakhe ngizobese ngiyashada.”

Biyela:”Uqinsile ndodana ingane yabantu ayikwazi ukumorwa ngalohlobo yonke indawo nje. Wena Buthelezi ucaca nini?”

Sambulo:”Mangibuyela ekhaya ngizokhuluma nobaba nkosi yami"

Biyela:”Lento ekuwe ayikuhluphi ngoba uhlala uzihlekela nje?”

Sambulo:”Ini baba?”

Biyela:”Lebhubesi  elikuwe unamandla uyakwazi lokho?”

Sambulo:”Alingihluphi kepha nginokuba namaphupho ngebhubesi, ngigqoke isikhumba salo.”

Babhekane banoNtombela

Biyela:”Yenza kahle ndodana nami ngizokhona kukuhola ngizokuchazela ngalawo Mandla emva kokuhlanganiswa noGabsile ngamalobolo.”

Ntombela:”Akusilo ibhubesi lodwa nkosi yami lokhu okunye kusalele kuxabene nokuthukutheliswa.”

KuSambulo kuduma upotiyane akezwa nokuthi baqondeni

Biyela:”Sizomusiza nomamkhulu uzokusiza.”

Asuke uNtombela agxume athimule kaningi enze izinto ezisabekayo ebusweni nje.

Ntombela:”Nkosi yami impi ayikapheli ifu elimnyama iyooooooooooo.”

Bezwe sekuma imoto ngathi kukhona okushayisekayo emva kwalokho kubekhona onokhayo ngesankahlu emnyango. Basukume madodana kanye noSambulo bathi baya emnyango uvuleke nge uphoselwe le.

Sambulo:”Mthimbane.”

Angene amehlo akhe avele ahlangana newakaLungile

Lungi:"Bhuti."

Angene angabheki muntu uthukuthele uThemba uyakhala uMduduzi makathi uya kuLungile amuvimbe uSambulo. Uyamazi ukuthi intukuthelo yakhe ayivimbeki uyaphula futhi ufusegisa konke phambi kwakhe kanti makangenalutho uzilungele. Afike abambe usesi wakhe omncane ebusweni ngezandla zombili amuqabule esiphongo amuhage.

Themba:"Kungani ungazange utshele ubhuti  lulu awungithembi?"

Lungi:"Umama bekasabela impilo yakho bhuti ngiyaxolisa."

Themba:"Ubhuti uzomufuna aze amuthole ngiyafunga ngiyagomela ngifunga ubaba ethuneni lakhe uzofela ezandleni zami loyo"

Akhale uLungile akakaze phela ake athuliswe ubhuti wakhe mayelana nalento.

Sambulo:"My authi kwenzenjani?"

Amange uThemba amufica la kepha makasabona uMlungisi abone ukuthi bandawonye. Amehlo akhe ahlale kuMduduzi eside isikhathi.

Lungi:"Bhuti uyamuthanda uyamukele indodana yami."

Themba:"Umama uyakudinga akekho kahle."

Lungi:"Bengithe ngizoza ekuseni uMduduzi uzongihambisa."

Themba:"Wamubona ubaba mabamudubula?"

Lungi:"Ngamubona."

Themba:"Ngifuna ukuzwa ngawe ngitshele kwenzakalani ngalolosuku."

Lungi:"Cha bhuti."

Themba:"LUNGILE."

Amulandele konke njengoba injalo zehle izinyembezi zilandelana futhi.

Sambulo:”Ungazenzi kanje my authi asambe siye ngaphandle.

Themba:”Bafo babulala ubabami ngikhona ngiphila wafa njengenja ngathi akanayo indodana badlwengula usesi wami njengonondidwa. Uma ungabathola kuqala ubatshele ngami ngiyafunga uyihlo walowo mbulali uyofa kabuhlungu ukundlula owami  ubaba. Igazi lababa ngeke lichithakale bese akwenziwa lutho. Bafile Sambulo umndeni wakhe wonke inja, kati, gundwane ngisho nentuthwane yakhona. NginguBaloyi mina Lungile landa izinto zakho umama akekho kahle ekhaya.”

MaBiyela:”Shwele Nkosi yami"

Mdu:”Besikhulumile nomama bhuti ngizomuleth….”

Aphendukele kuye uThemba kuthuleke cwaka noBiyela aze asukume athule uMduduzi.

Themba:”Uthini?”

Mlungisi:”Akasho lutho my authi"

Themba:”Ngicabangile.”

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T 🌼

ISIQEPHU32🌼

KWABIYELA🌼

Themba:"Hamba uyopaka Lungile manje"

Aphume uThemba ayomulinda ngaphandle ushayise nemoto makangena akabonisi nokuzisola nje. uLungile ahambe aye egumbini likaMduduzi amulandele makangena nje amubambe uMduduzi ngoba sekayakhala.

Mdu:"Hamba uyobona umama sthandwa sami vele ubuzohamba kuyafana."

Lungi:"Bengisafuna ukuba nawe namuhla."

Mdu:"Ngizoza sthandwa sami wena kusasa vuka ube nomama mina ngizobe ngiseMgazini abantu bazobe bedla kulungiswa nje bese ngosuku olulandelayo ngiyeza."

Kungene ubaba kaMduduzi noMlungisi uLungile azame kusuka ngokushesha amubambe ngenkani uMduduzi.

Biyela:"Ndodana muyeke ahambe umfowabo unelungelo lokuthukuthela ngalohlobo"

Mdu:"Baba angazi kwenzakalani ngami kunzima ngathi ngivaleka nomoya mangikude noLungile"

Mlu:"Siyazwisisa fana manje kodwa asifuni kudina kakhulu ubhuti wakhe, Lungile."

ULungile abheke uMlungisi naye sekaphethwe isibibithwane.

Lungi:”Bhuti"

Mlu:“Buya la.”

Asondele kubhuti omkhulu amuhage uMlungisi.

Mlu:“Lokhu okuniphethe ninoMduduzi kunamandla futhi kuyisimanga ubhuti wakho wenziwa ukuthukuthela nokuthi azange nimutshele nami bengizothukuthela. Hamba uye ekhaya sizoza sizokulanda ngokusemthethweni uyezwa.”

Amoyizele uBiyela baphume aqhubeke apake uLungile, uSambulo ungaphandle noThemba abalandele uMlungisi.

Sambulo:”My authi"

Themba:”Angifuni kukhuluma Sambulo"

Sambulo:”Ngiyazi my authi kodwa bengicela ungajezisi abantwana ngokuthandana okwenzeka kubaba kubhlungu kodwa bayeke bona.”

Themba:”Kusasa uzobese adlala ngaye"

Sambulo:”Awukwazi lokho my authi.”

Adonse umoya

Themba:”Uqinsile my authi yazi lento ingihlezi  la esifubeni angikhoni nokuphefumula kahle.”

Asho ezishaya esifubeni kakhulu

Mlu:”Intwana yami inawo amaflop wayo kodwa engikubonile kuyo manje uyamuthanda usesi wakho kakhulu namanje bakhala bobabili.”

Themba:”ULungile ngihamba naye kodwa kumele abone uma.”

Sambulo:”My authi bayeke bahambe bodwa wena usale nathi ngiyakucela mfo uzake upholise nekhanda ungaboni umnyamane"

Bahleke bobathathu

Themba:”Yazi enye inkinga engafuni ukulahleka leyo “

Mlu:”Amahlanya anjalo vele noma umyeka uphinde ubuyele uyakuhambela embhashazweni.”

Themba:”Ikuphi lapho manje?”

Sambulo:”Embhedeni"

Themba:”Bangahamba bodwake , kodwa angikwazi ukuhlala la umawami angekho kahle ngizojika ngedwa.”

JSambulo noMlungisi  babhekane

Sambulo:”UMlungisi sekazobekwa njengenkosi kusasa bazobe bamamukela ezweni lakhe awufisi ukubona sizojika sonke.”

Mlu:”Kuzobe kukhona nezintombi zigida zigqoke lezinto zabo.”

Sambulo:”Ungazitholela ozokuxoshisa umnyamane"

Bahleke futhi kuqhamuke uNokubonga adonsele uMlungisi eceleni. Bababheke

Themba:”Nithi ngihlalele lokhu cha khohlwani nizongenza ngikhumbule izinkinga zami kuthi ngiyimpohlo.”

Sambulo:”Impohlo elutholayo ucansi kahle.”

Themba:”Inomnyaka omngakhi lentwana yaMlungisi?”

Sambulo:”Angazi kahle.”

Themba:”Angikaze ngibona indoda engaka ekhalela intombazane"

Sambulo:”Mangabe bocabanga ukuthi mina,noGabsile siyathandana awukababoni laba, khulula inhliziyo my authi."

Themba:"Ngeke ngiyiyeke kanjalo indaba yokuhamba kukababa futhi nizongisiza nobabili."

Abuye uMlungisi uNokubonga abuyele endlini.

Mlu:"Indlovukazi ithi ukuzwe uthi umamakho akekho kahle ukhathazekile manje besicela ukuhamba noLungile"

Themba:"Bona baxhumana ngenkathi ngimlanda kwakhe."

Sambulo:"Umuvumele?"

Mlu:"Ukube bekangicela bengizokwala manje ngitsheliwe ndoda."

ENDLINI🌼

MaBiyela:"Manje ndodakazi uzohamba nalomuntu othukuthele kanje?"

Noku:"Akukho engingakwenza ma umamBaloyi wangisiza kabi angikhoni ukuthula nje ngathi angizwanga akekho kahle."

MaBiyela:"Kuncono ngizokhululeka ngoba uzokwazi ukubheka uLungile, labantwana bazosifaka enkingeni uthando olunje angilwazi mina"

Noku:"Hhayi cha bona bayathandana."

MaBiyela:"Isizwe sakho sizokubuza kodwa kusasa"

Gabi:"Akumelanga bazitike ngobuhle bakhe bazomubona masebahlala esihlalweni. Bazobe baqala ukumbona bamubabaze nobuhle."

MaBiyela:"Waze wakhulumisa okwenkosazana impela mntanami. Wena ungacabangi nokuhamba nje lebhubesi lakho lingacabangi ukuthi lizokuthola ula.."

Bahleke

Gabi:"Hawu ma usho ukuthi ngeke ungenzele nethuba kancane ubaba angangiboni?"

MaBiyela:"Hayi hayi anginazo izimfihlo mina ngizovele ngimutshele umyeni wami. Phela usangixegisa amadolo nami makangibheka ngivele ngikhulume zonke izindaba."

Noku:"Mama kodwa ngeke utshontshise nentombazane yakho kancane?"

MaBiyela:"Weee angihambe la nizongihabulisa nina."

Gabi:"Izithandani zangaphuma manje kanti kuthatha isikhathi esingakanani ukupaka?"

Noku:"Sekuqede nami."

MaBiyela :"Labo akukho nje abakwenzayo bayavalelisana nobhuti wakhe uzoxola."

Nokubonga noGabsile bahleke baphume babuyele endlini yokudlela uBiyela uhlezi ujulile lapho uGabsile asondele ayohlala celeni kwakhe.

Gabi:"Awubukeki ukahle baba."

Biyela:"Mntanami kulungiswa ngapha bese kuvela okunye"

Gabi:"Ubhuti kaLungile unenhliziyo enhle kabi manje wenziwe ukuthukuthela ulunge njengaye uLungile."

Biyela:"Mntanami laba abalungile yibona abayingozi, ndlovukazi awubheke ukuthi akupheli kanti ukupaka."

MaBiyela:"Yoooo,ngixolele baba angifuni ukuvaleka amehlo mina."

Anikine ikhanda uBiyela boGabsile bahleke

Biyela:"Kusho ukuthi silinde nxxxxx."

Kuvuleke umnyango kungene uMlungisi kuqala alandelwa uThemba bese kuba uSambulo, uBiyela makabona uThemba abe nokusaba. Akathuswa ukuthi usaba yena ngoba afike ewudlame uthukele indodana yakhe ukuthi bazoyibamba ngoba uyabonakala uThemba akabhenywa. Bafike bahlale phansi uThemba aqale azinwaye ekhanda abuke uBiyela nomaBiyela bese ubheka phansi.

Themba:"Ma no baba ngizoxolisa ngokufika nomsindo emagcekeni akoBiyela bengingaqondile ukudelela ngimoshele nodadewethu. Ukuthi kunzima namanje angikhoni ukucabanga kahle

ubabami afele ize nje. Ubabami wayeqotho ngenye indlela uthini nje la akhona makangibona ngingakatholi umbulali wakhe.”

Kube nomunyu endlini uNtombela elokhu ezibhodlela abamunakile ngoba bayamazi uThemba olokhu emubheka.

Biyela:”Asikuthukuthelelanga ndodana lokhu okwenzile bekungenziwa yinoma ngabe ubani kuzondlula Baloyi.”

MaBaloyi:”Manje uzokhona ukuhamba ngoba kuhlwile nje ndodana?”

Angakaphenduli uThemba baphume egumbini uMduduzi noLungile amehlo abomvu klubhe kubo bobabili aze avuvukile ikakhulukazi uLungile. Sebashintshile bagqoka okunye uLungile uyabonakala sekagqokele indlela.

Themba:”Iphi ingane?”

Lungi:”Ilele ngale egumbini likama.”

Asukume uThemba bese uLungile ubheka isoka lakhe emehlweni ziziphumele izinyembezi futhi.

MaBiyela:”Ha seniyasihlolelake manje akukho muntu ofile, Lungile sesi angithi benizoya ekhaya vele?”

Lungi:”Eya ma kodwa ngifuna ukuhamba noMduduzi inkinga ayikho kodwa sizohamba.”

UThemba amangale akamazi usesi wakhe omncane azikhulumela kanje.

Themba:"Hamba nayeke mina ngizonilandela..”

Lungi:”Ngempela bhuti?”

Themba:”Ningenza ngizizwe ngathi ngingusathane anginihlukanisi mina"

Aziphose kuye uLungile amuhage makamuyeka uThemba anike uMduduzi isandla baxhawulane.

Themba:”Ushayele kahle la endleleni umama ufuna indodakazi yakhe iphelele”

Mdu:”Ngiyabonga bhuti kakhulu"

Sekayamoyizela uLungi

Lungi:”Asambeke"

Bathathe isikhwama baphume mabafika emnyango.

Biyela:”Mduduzi.”

Mdu:”Ba"

Biyela:”Ungangeni emagcekeni akwaBaloyi usaseyisoka.”

Mdu:”Ngeke baba.”

MaBiyela:”Hey Lungile thathani ingane yenu uzothini angasaniboni nobabili.”

Bahleke endlini bonke

Themba:”Nomama uzofuna ukumubona.”

Lungi:”Ehhhh ngimukhohliwe ngisayomupakela"

Mdu:”Cha ungamupakeli sizothenga izimpahla emgwaqeni ubhuti uzaze ashintshe umqondo asambe.”

Noku:”Ngizobanjani mina la endleleni  ukuhamba yalabantu?”

Mdu:”Uhamba nathi sisi?”

Noku:”Yebo ngifuna kubona umama nami.”

Mlu:”Ushayele kahle wena spoko la endleleni uhamba nendlovukazi phela"

Baphume bafake izimpahla emotweni uThemba aphume naye kuyosusa eyakhe endleleni.

Lungi:”Sisi ngicela uzongibambisa abantwana"

Noku:”Nihamba nabo bobabili.”

Lungi:”Eya sisi ngiyacabanga nje ukuthi kusasa bazobe bakulendawo umawakhe abulawe khona sekakhulile lomntwana phela singathi akabonanga lutho kanti kukhona akunakile. Futhi uzoba nesikhathi sokuthi bajwayelane noNduduzo"

Bajike bayobathatha mabaphuma nabo bobabili babukane abantu abadala babalandele.

MaBiyela:”Kungani nibathatha bobabili.”

Lungi:”Ngifuna bajwayelabe mama angazi noma sengibhedile.”

MaBiyela:”Awubhedanga mntanami simangele nje.”

Bayongena emotweni uMdu abe yedwa phambili ihlehle imoto basale bayibukile.

Ntombela:”Nkosi yami nami sengizobayindlela manje.”

Biyela:”Kulungile sizobonana kusasa, Sambulo umamkhulu bafike kahle na?”

Sambulo:”Bafikile baba"

Biyela:”Kulungileke bafana mina ngiyophumula manje, Gabsile.”

Gabi:”Ba.”

Biyela:”Buya uzolala la endlini.”

UMlungisi noThemba bahleke mababona uSambulo indlela avele abayiyo ebusweni. UGabsile naye amuvalelise ngesandla ayongena endlini avale uBiyela akhiye.

Mlu:”Hawu baba manje ukhiyelani?”

Biyela:"Hamba nabo authi bakho niyolala endlini yakho.

Basale sebaya kwaMlungisi balokhu bahleka uSambulo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UNtwenhle wapheka waqeda angezwa nokukhala okuncane sekusebusuku vele manje, kudala elokhu eya egumbini lakhe aphinde asabe ukungena ajike. Aphake adle okwakhe okwaScelo akuvale akushiye lapho etafuleni.

Manje azidele aye avule kancane afice uScelo ulele uMpilwenhle uphapheme kodwa akakhali.

Ntwenhle:"Heyi wena sokwazi ukuvula amehlo abengaka ungakhali wozila singavusi udaddy."

Amubheke ngoba elele athathe ingane amumbese kahle athathe bomqamelo ababeke phansi ahlale khona amuncelise ibhodlela lakhe. Amushintshe futhi.

Ntwenhle:"Wena uzilungele yazi awukhali uyazidlela nje ulale, kusasa sizohamba ekuseni uzoba nesitifiketi sakho. Nomthandazo Mpilwenhle Makhulukhulu, sibongo banike leso."

Amushushuzele aze alale amubeke embhedeni wakhe naye sekafuna ukulala akanazo ezinye izingubo ngoba uzele kuba sesibhedlela la makuphela uyahamba abengeke athenge yonke lento. Abone ukuthi amuvuse uScelo kumele ahambe akukho angakwenza. Amushukumise uScelo avele aphenduke anethezeke kahle embhedeni asale sekamuyeka amukhumule izicathulo amumbese kahle.

Ukube akalelanga phezu kwengubo yena bekazolala ngale amumbesa yona manje. Ahambe ayocisha ugesi avale ukudla kwaScelo abuyele egunjini agqoke ijezi elifuthumele alale kulabomqamelo lutho ukufika ubuthongo. Emva kwesikhashana kukhale ucingo lukaScelo azilalise uNtwenhle aphaphame uScelo ayiphuthaze khona embhedeni.

Scelo:”Helo ma"

MamBaloyi:”Mntanami ngiphaphama manje ngibona awukabuyi ingabe ukahle?”

Scelo:”Ngikahle ma, uMpilwenhle ngifike bamukhiphile manje ngila bebamugada khona ngiyaxolisa ngivele ngazumeka angazi kanjani kudala ngagcina ukulala kanje.”

MamBaloyi:”Mawukahle inkinga ayikho mfanami bengikhathazekile nje ngawe. Manje uzoza naye kusasa?”

Scelo:”Cha ma usesi lo omgadayo uthe ucela ngimuthathe sekahlanganise inyanga okungenani.”

MamBaloyi:”Waze waba nengqondo lowo, ngizokubona kusasa ndodana ubekahle.”

Scelo:”Ngiyabongan ma.”

Makabheka isikhathi sekushaye no12 noma ngabe uyathanda ukuhamba ngeke aqale manje asukume akhanyise athuke makabona uNtwenhle elele phansi. Ugoqene kabuhlungu phansi aze abe namahloni umuntu uyamusiza ngengane yena sekamuthathela nendawo.

Scelo:”Ntwenhle.”

Azithulise ehlike embhedeni avule izingubo kahle agobe amuphakamise amubeke embhedeni amumbese. Aye endlini encane makaqeda abuye abheke indodakazi yakhe akezwanga noma ayithatha uNtwenhle bese uyacima aphume nalengutshana bekamumbese ngayo.

Abone ukudla okuvaliwe phezu kwetafula ulambile akuthathe adle agibele esofeni alale abusekho ubuthongo. Umcabango udlala ngaye ucabanga isithandwa sakhe aphinde acabange nomndeni wakhe. Kubuhlungu kakhulu nje ukuthi azange abancwabe. Uyamubona kwababakhe nosesi wakhe umawakhe umuhlupha kakhulu agcine sekazumekile.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

MDUDUZI🌼

Sisendleleni sesizofika yonke lendlela ngilokhu ngibheka uLungile wami sebalele manje bonke. Lengane ingalinge idlale ngami ngingaba yini nje ngimuthanda kanje. Ubuhlungu engibuzwile ubhuti wakhe makathi uyamuthatha kumele ngibonge uMlungisi nomngani wakhe ngiyazi yibona abakhulume naye. Namanje kuzobanzima ukumushiya kubo ngibe ngazi ukuthi uyaqala kuya kubo selokhu kwenzeka lento kodwa usisi Nokubonga uzomubheka ngiyamuthemba. Ngendlela engihlanya ngayo angazi nokuthi ngiyolalaphi komele ngibhukhe ehhotela.

Masekuqala ukuba nokukhanya kwezitolo ezivaliwe aphaphame uNokubonga yena ugone u hayibo angilazi negama lakhe. Namanje ngiyamangala ingane yami kanjani ngingakhumbuli kwanina wayo mangimubheka uyabonakala ukuthi bekuyilamantombazane antazayo nje ngathandana naye kanjani. uLungile yena bengingamuboni kanjani sonke lesikhathi.

Noku:"Ucabangani ngiyakubona uyashayela kepha ukude nomcabango."

Mina:"Ewu sisi impilo yami ihlangahlangene."

Noku:"Khohlwa ipast yakho nangu uLungi inamuhla nekusasa lakho, uzozibangela ubuhlungu obuningi mawulokhu uzibuza izinto eziningi ongeke wazishintsha futhi. Phila manje lokhu uNkulunkulu afuna ukwazi uzokuveza ngendlela yakhe."

Ngavele ngacwala makangeluleka ubhuti impela ukhethe umuntu obizelwe kubundlovukazi.

Mina:"Ngiyabonga Sisi ngicela ungilayele."

Noku:"Uzolala kuphi manje?"

Mina:"Hhey angazi angicabanganga futhi."

Noku:"Bengizothi iya ekhaya manje umawami hhayi, hayibo uSambulo unamaflethi lana ithi ngibashayele ."

Akhiphe ucingo lwakhe afone alubeke endlebeni.

Noku:"Sambulo alikho iflethi elingenamuntu kulawa awakho yazi uMduduzi akanandawo yokulala."

................

Noku:”Ungamunika.”

Noku:”Usayonika uMlungisi.”

Mina:”Kulungile"

NoLungi sekaphapheme manje

Noku:”Sthandwa sami sesifikile"

……….

Anginike ucingo lwakhe

Mina:”Mlu.”

Mlu:”UNtwenhle ulapho yazi tshela uNokubonga akulayele amafulethi aSambulo bese wena uya enombolo 117. Esangweni ubatshele ukuthi usebenzela uButhelezi umfonele azokhuluma nabo"

Mina:”Ngiyabonga bafo ngiyathemba akavalelanga uNtwenhle.”

Mlu:”Ngingamunyisa nyi, ungitshele mawufica okubhedayo kumele aqede isikole lowo.”

Sihleke bese ngiyaluvala.

Mina:”Seyilungisekile ngicela nje ungilayele emafulethini akaSambulo.”

Noku:”Kuncono ujike khona la kwesokunxele ngikukhombise.”

Ngempela ngijike khona angikhombise bese ungilayela size sifike esangweni lakhabo Lungile. Ngimubheke ukuthi ukahle na ubonisa ukuthuka vele.

Mina:”Uzobakahle sthandwa sami?”

Lungi:”Kwamele ngibekahle ngizokubona kusasa ngizokufonela.”

Mina:”Kulungile.”

Ngibehlisise izikhwama kuqeda kushaya ihora lesine manje ekuseni.

Mina:"Hawu Lungi bengithi uzomushiya lo omdala."

Lungi:"Ngifuna babhonde makahlupha ngizokutshela kodwa angicabangi."

Angihage ashayele umawakhe ucingo umnyango uvuleke ngokushesha mina sengisemotweni ngibabhekile. Makaqhamuka uyashesha lomama ngiyamazi, lithi lingavuleka isango ahage uLungile isthandwa sami siyakhala.

Uyabonake into engingeke ngiyimele mina sengiyaxola nje ngoba ukhala kumawakhe. Babuyele emuva bangene endlini mangithi ngihlehlisa imoto engqondweni kimi kuvele ngigijima ngigqoke izimpahla ezimnyama zona lezi bengizigqoke masiya eMgazini, kukhona nabanye emva kwami. Nalo Budayza bekahamba nomama wengane yami izolo, ngidubule umnyango ngathi ngiyahlanya nje mawuvuleka lomnyango ngingene. Ngishawe ikhanda elibuhlungu kube munyama emehlweni.

Hayibo kwenzakalani ngami yini le noma bengiphupha kodwa angilelanga nje.

Ngishayele sengiqonde emaflethini mangifika ngifonele uSambulo bangivulele ngipake imoto lekhanda ngisalizwa namanje kubenzima nokuthi nginyathele. Ngifonele uNtwenhle alubambe emva kwesikhathi naye.

Ntwenhle:"Bhuti."

Mina:"Ngise ngingaphandle emotweni."

Ntwenhle:"Kuphi la?"

Mina:"Yebo buya."

Ngiluvale ngimubone noma sekeza agijima azame kungikhipha kubenzima.

Ntwenhle:"Ngiyabuya."

Abuyele emuva aphinde abuye futhi.

Ntwenhle:"Mubambe ngapha."

Ngiyawezwa amaphimbo kodwa libuhlungu lekhanda lingishaya enhlafunweni. Bangihambise ngizwe noma sebangibeka kusofa uNtwenhle angibhekise ikhanda phezulu. Bandla umntana mama angazi ungenzani kodwa ngiyazizwa lezandla ezincane zilokhu zingithinta uyakhala futhi.

Ntwenhle:"Bhuti ngicela uzame ukulala ungacabangi,izinto eziningi."

Ngivale amehlo uyakhala manje ngimuzwa kahle kodwa bengizelani la.

"Uyamukhathaza naye ungakhali kakhulu uzobakahle."

Angaphenduli kodwa ngiyamuzwa usachiphiza ngigcine ngilizwela kude iphimbo lakhe......

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU33🌼

KWABALOYI🌼

UmamBaloyi wajabula ebona indodakazi yakhe eyahamba ikhala kunzima noma ayoyibona ibilokhu ingamugculisi isakhala. Noma angamuboni lomfana sekabaleke wangena emotweni kodwa uyajabula ukuthi uyilethile indodakazi yakhe. Uyazi ukhona ukubuya ekhaya ngenxa yakhe lothando aluzwayo. Ayibuke imoto yakhe ihlehla iphinde ime emva kwesikhashana isuke futhi ize iyosithela. Ahambe naye ayongena endlini makavala umnyango.

MaBaloyi:"Hayibo Lungile ulithathaphi ipentshisi bengilicabanga yazi emalangeni."

Ahleke uNokubonga.

Noku:"Mama awukahle kungibiza ngepentshisi"

MaBaloyi:"Ninjani bantabami kodwa?"

Noku/Lungi:"Siyaphila ma"

MaBaloyi:"Manje lomadlebe enihamba naye wabani?"

Lungi:"Mama ngisasenalo igumbi la ekhaya  ngifuna kuyobalalisa bese ngiyabuya sizoxoxa"

MaBaloyi:"Usenalo mntanami lagcina lilala yena upentshisi."

Lungi:"Ngizolala la bekulele khona indlovukazi izibusiso zodwa nje."

Ahambe nabafana bakhe ayosithela aphinde abuye.

MaBaloyi:"Lesoka lakho lingithembisile ukuthi ngizovuswa uwena naku usigcinile isithembiso sakhe."

Lungi:"Ngempela ma."

MaBaloyi:"Ululeme mntanami akudingi nokuthi ngibuze uyakugeza ugwayi walomfana"

Bahleke baze bashayane ngezandla.

Lungi:"Hawu ma kahle angikalali nanaye uyangisukela"

MaBaloyi:"Uzogcina ngokukhohlisa anti wakho mina ngeke, uzohlala isikhathi esingakanani?"

Lungi:"Ubabakhe uthe bazongilanda ngokusemthethweni angazi nini ngizozwa ngoMduduzi."

MaBaloyi:"Abantu abacebile abavami ukuphila kanje laba ebakho banezinhliziyo."

Noku:"Iphi microwave ma?"

Abheke la ibihlezi khona akhumbule ukuthi indodana yakhe iphume la ithukuthele akayazi nokuthi ikuphi.

MaBaloyi:"Iphulwe uThemba mangiqeda kumtshela ngokuhamba kwaBaloyi kanye nokudlwengulwa kukaLungile. Angimazi nokuthi ukuphi ngiyazi ungikwatele la akhona."

Lungi:"Uze le khabo Mduduzi mama."

MaBaloyi:"Wazi ngani lapho?"

Lungi:"Ngiyacabanga ufonele uanti"

MaBaloyi:"Ufike wenzanike uThemba emzini wabantu ngoba usuke athukuthele la"

Lungi:"Ufike asathukuthele ushayise nemoto yababa Mduduzi."

MaBaloyi:"Wuuuùu Themba kodwa sewanciphile amalobolo bazosihlawulisa."

Bahleke bonke.

Noku:”Ukahle manje ngoba usele futhi uxolisile nasemndenini"

MaBaloyi:”Ave umuhle kodwa mntanami ukuphatha kahle loBiyela"

Ashalazele uLungi

Lungi:”Mama ngifuna ukukutshela ngesimo sakhe angazi noma usazofuna ngishade naye na.”

MaBaloyi:”Ngilalele sesi"

ULungile abheke uNokubonga asukume uNokubonga athi uyabashiya.

Lungi:”Cha ungahambi sisi ngicela ungitshelise umama mayelana nemamba"

Noku:”Kulungile.”

Lungi:”Mama uMduduzi bekathunjwe ubabomncane wakhe ngoba afuna ukumsebenzisa ngezinto zobumnyama. Kulokumthumba abemufake isilwane bekenza konke afuna akwenze.”

MaBaloyi:”Cha mntanami ungakhumulisi isoka lakho libenqunu emehlweni ami. Wena mawumuthandile naleso simo akukho nkinga sesi ngoba mawungitshela mina ngizoba iskhukhukazi ngifune kukhusela ichwane lami ngingaze ngale kuthi umushade. Uyakujabulisa qhubeka naye mntanami"

Noku:”Mama muyeke akutshele akukho okuzokwenzeka ukuthi,ungasavumi bashadane"

MaBaloyi:”Kulungileke.”

Bamulandele umama Lungile ukuthi bekenziswa izinto ezinye akazikhumbuli nhlobo ngisho ukuba nalengane abeze nayo akakhumbuli nje.

MaBaloyi:”Yooo mntanami umuntu onjalo uyingozi nje uzavuka kusasa akhohlwe ukuthi usuku lwakhe lomshado bese"

Bahleke boLungile.

Noku:"Mama ngeke uma ungababona uthando lwabo ungafisa ukuba muncane manje"

MaBaloyi:"Wuuuuuuu cha ngeke ngisalunga ukuba muncane mina sengijwayele ukuzilalela ngikhululekile angifune muntu ozongikhomba ngemikhonto ebusuku."

Bahleke futhi.

MaBaloyi:"Ngiyajabula ukukubona mntanami futhi ujabulile bengingacabangi uzokhona ukungena kalula nje ungakhumbuli okwenzeka."

Lungi:"Ngikahle ma."

MaBaloyi:"Manje nina nihlanganaphi?"

Lungi:"Wee mama phela usisi la ulotsholwe ubhuti omkhulu kaMduduzi."

Amangale umamBaloyi.

MaBaloyi:"Hawu suka bofebelina nifuna kulandelana niye emzini owodwa"

Lunga:"Asikuhlelanga lokho ma kuzenzakalele."

MaBaloyi:"UThemba ushilo yazi ukuthi ubulotsholwa, manje lesihliphi sendoda yesiqhwaga siphi?"

Noku:"Mama angifuni nokwazi ukuthi ukuphi wenza kahle wangishaya ngoba wenze ngahlangana noMgazi."

MaBaloyi:"Ngiyanizwa mantombazane, manje ngeke vele ngilibone isoka lakho?"

Lungi:"Ngeke mama inkosi imutshele emehlweni ukuthi useyisoka angalinge angene."

MaBaloyi:"Inkosi yakuphi?"

Lungi:"Inkosi ubabakhe."

MaBaloyi:"LoBiyela enikhuluma ngaye nisho lesimomondiya sekhehla inkosi yaseMgazini?"

Lungi:"Yebo ma kepha bengingazi ukuthi uyisimomondiya."

MaBaloyi:"Yebo uyisimomondiya wena awumuboni yini, ngaya nokuyogida azokhetha inkosikazi mxm kwavela lokhu okunye okuhlenyana nakho azange isangithatha inkosi"

Bahleke kakhulu.

Lungi:"Mama."

MaBaloyi:"Ngempela manje kusho ukuthi mntanami ushadwa inkosana?"

Lungi:"Eya ma."

MaBaloyi:"Wena inkosana endala?"

Noku:"Eya ma."

Lungile:"Inkosi namuhla nje kuzoba nomgidi khona baqeda kukhipha lobabomncane wakhona obebulala abantu"

MaBaloyi:"Lomathwebulana?"

Noku:"Eya."

MaBaloyi:"Nisho ukuthi manje mina ngihlezi nendlovukazi hayibo nomalokazana wenkosana."

Lungi:"Njengoba usho nje ma"

MaBaloyi:"Wuuuuu maye nibusisekile bantami"

Lungi:"Uphi uScelo lo bongitshela ngaye bengithi sizomubona"

MaBaloyi:"Uzofika kungekudala nje ulele le esibhedlela kwingane yakhe."

Lungi:"Ngisayolala kancane kengiphumuze ikhanda."

MaBaloyi:"Kulungile bantami hambani niyophumula ngizonenzela ukudla."

Lungi:"Ungapheki ma ngizokuthengela ukfc wakho owuthandayo ungaziphuzela itiye nje nesinkwa kulibazisa isisu."

MaBaloyi:"Kulungile mntanami."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWANTWENHLE🌼

Bamuyeka wazumeka uMduduzi uScelo makabona ukuthi ngathi uphephile ubhuti wakhe.

Scelo:"Ngicabanga ukuthi ngihambe manje ukahle ubhuti wakho."

Ntwenhle:"Ungahambi ngiyakucela angazi makavuka la angangishaya noma abize ubhuti wami omkhulu loyoke ngiyamusaba."

Scelo:"Makangithola la uzothukuthela kakhulu"

Ntwenhle:"Ngeke ngicela ungihlalise uzokholwa mawumuchazela wena."

Scelo:"Kahle angakholwa umuntu angamazi angakholwa usesi wakhe."

Ntwenhle:"Ngeke uzwisise angithi masisobabili uzokhona kubona ukuthi asithandani."

Scelo:"Usungisize kakhulu Ntwenhle angifuni kukuxabanisa nomndeni wakho."

Uyamubona uthukile uNtwenhle kodwa ukuhamba amushiye enje akukho kahle nakho.

Scelo:"Unazo izinto zokugeza ongazisebenzisi, kuncono ubhuti wakho angishaye ngihlanzekile"

Ntwenhle:"Ngizokukhiphela."

Ahambe ayofaka amanzi ebhavini uNtwenhle amukokodele amunike.

Ntwenhle:"Usuzogcobisa izinto zamantombazaneke"

Aphume ayobheka ubhuti wakhe usalele uScelo aqede naye ukugeza azigcobe agqoke, uNtwenhle ahambe ayogeza makaqeda azigcobe aphume namathawula akhiphe izimpahla azozigqoka uScelo asheshe abheke phansi angafuni kumubuka. Abuyele endlini encane

ayogqokela khona aphume sekathele amanzi ebhavini elincane likaMpilwenhle alibeke phezu kombhede.

Amuthathe kuyise abukele makamukhumula amugeza amufake emanzini azithole sekamoyizela yedwa uScelo uyamubona ukuthi uzwa ubumnandi ngoba asemanzini.

Scelo:"Uyawathanda amanzi ne?"

Ntwenhle:"Kakhulu kodwa uzokhala mangimukhipha uzomubona."

Scelo:"Ufuze umawakhe naye wayethanda ukuyobhukuda kuz..."

Azikhuze uScelo makabona ukuthi umubhekile uNtwenhle, asale akhiphe ingane emanzini ayiphuthele ayisule kahle.

Scelo:"Ngicela kumugcobisa"

Amutshele amenze kanjani amunike amugcobise amugqokise sekahle ulele.

Ntwenhle:"Uyazithanda izandla zababakhe mina akakaze alale ngisamugqokisa manje kumele ngabe umunya ibhodlela lakhe."

Amulalise embhedeni wakhe yonke lento ayibukayo yenza angazizwa ayindoda akukho nokukodwa akuthengele ingane yakhe. UNtwenhle asondele kuye amubheke emehlweni mufishane kuScelo.

Ntwenhle:"Ucabangani?"

Scelo:"Ntwenhle mina ngiwulazaru onganalutho ngiqhamuka emakhaya anginamndeni umama kaMpilwenhle nguyena owangipha ikhaya kodwa akukho mina ebengikhona kumjabulisa ngakho njengendoda. Manje nakhu ngisizwa umuntu wesifazane futhi ngivumele ngihambe noMpilwenhle ngiyoziphandela"

Ntwenhle:"Umama lowaya akusiwakho kanti?"

Scelo:”Akusiye bayangisiza nje”

Ntwenhle:”Manje mawuthatha uMpilo uzoshonaphi naye?”

Scelo:”Angazi Ntwenhle kepha indlela izokwenzeka.”

Ntwenhle:”Scelo mina ngikusiza ngoba into engikhuliswe ngayo kona ngeke ngiqambe amanga ngibuya ekhaya elicebile kakhulu futhi. Umama wayehlala avuka apheke ukudla okuningi sihambe siyokuphakela abantu abantulayo. Izimpahla ekhaya azilahlwa nje kuningi umama bekakwenza namanje ngisakwenza. Ngicela ukhululeke mina lokhu engikwenzayo kusuka ngaphakathi kimi angikuboni ungasiyo indoda futhi nje uhlushwa ukungazi"

Scelo:”Still ingane mayihlanganisa inyanga uzomudedela angithi nawe uyahamba"

Ntwenhle:”Yebo it’s a deal.”

Akhiphe isandla sakhe kuthi amuxhawule noScelo amunike esakhe asuke amuhage uNtwenhle aqale athuke uScelo agcine sekanethezeka amubambe. Makangasazizwa kahle uScelo amususe kuye angasamubheki nasebusweni ayohlala abheke ingane yakhe. UNtwenhle amulandele ahlale celeni kwakhe.

Ntwenhle:”Ngiyaxolisa bengingaqondile kukwenza ube namahloni.”

Scelo:”Indaba uyaphapha Ntwenhle mina angikhoni ukuba celeni komuntu ophaphayo"

Ahleke uNtwenhle.

Ntwenhle:”Hawu angikaze ngibone umuntu okhuluma into ayibeke emehlweni angahlebi .”

Scelo:”Angihlebi mina khona ngihleba ngingakuhleba nobani ngikuhlebe nobhuti wakho?”

Ahleke futhi uNtwenhle.

Ntwenhle:”Wena ngalokuthula kwakho ngathi ufihle induku emcubeni.”

Scelo:”Ungalinge futhi ufise kuyikhipha ngoba uzozisola.”

Ntwenhle:”Kumele ngiyofunda manje uzokhona.”

Scelo:”Kulungile ntokazi ngizomubheka ngizohamba mawuqeda.”

Amubheke uNtwenhle uchazwa ilegama likantokazi kukhale ucingo lwakhe.

Ntwenhle:”Hellow.”

“Sisi umawakho uyakukhumbula bandla.”

Ntwenhle:”Sphelelo unjani utheni kuwe.”

Sphelelo:”Uhlala akhuluma ngawe nje bandla sengithi angikushayele namuhla.”

Ntwenhle:”Yazi ngisazoba ngapha inyanga yonke nje ngingakhuluma naye?”

Sphelelo:”Ulele manje.”

Ntwenhle:”Ukudla amaphilisi akhe kuseza angithi?”

Sphelelo:”Yebo izolo nje bebakulethile, yena ukhumbula wena usunezinya ezintathu ungezi unakile?”

Ntwenhle:”Indaba unyaka wami wokugcina lo manje ngisebenza esibhedlela kodwa sengiselelwe inyanga nje"

Sphelelo:”Ngizomazisa uzozwisisa yena"

Ntwenhle:”Yazini ungamutsheli lutho phela la engikhona angikho kude kangako ngizobona ngenzenjani wena charger ucingo lwakho"

Sphelelo:”Kulungile sisi bye.”

Athule ngathi uyacabanga uScelo umubheke ebusweni.

Scelo:”Kwenzenjani?”

Ntwenhle:"Yazi kukhona umama.”

“NTWENHLE.”

Bathuke ngathi kukhona okubi bebakwenza phela bobhuti bakaNtwenhle banesithunzi sabo nje sidalo noma bezilungele. Atatazele uNtwenhle uScelo afunde kwezakhe ukuthi kusho kona alufakwa bengeke uNtwenhle athuke kangaka.

Ntwenhle:"Bhuti ngiyeza."

Aphume sekanyobozela.

Mdu:"Uphi lomfana engimufice la?"

Ntwenhle:"Ukhona."

Mdu:"Awuzelanga kuzofunda kanti wena la uzele abafana?"

Ntwenhle:"Ngizofunda bhuti."

Mdu:"Manje?"

Ntwenhle:"Cha siyasizana nje naye akukho okuphakathi kwethu. I mean ngiyamusiza."

Mdu:"Suka ngindlule."

Ntwenhle:"Bhuti ngiyakucela akukho okwenzekayo bekazilelele yedwa la osofeni mawufika."

Anikine ikhanda uMduduzi azibambe ekhanda.

Mdu:"Nginike amanzi?"

Ntwenhle agijime amunike aphuze.

Mdu:"Sukake ngiyobona."

Amuhole ayongena egumbini bandla uScelo makabona ubhuti wakhe athuke asuke nasembhedeni eme aphinde ahlale abuye asukume futhi. UMduduzi amoyizele abheke uNtwenhle.

Mdu:”Lomuntu wakho makashayela mina ikwasa kwasa uzokwenza umanyisa moso makabona usomatekisi"

Ahleke uNtwenhle makabona ukuthi akanandaba ubhuti wakhe indlela ababiza ngayo uMlungisi mabamuhleba bathi usomatekisi.

Ntwenhle:”Bhuti uScelo lo  kanye nengane yakhe encane Scelo ubhuti wami lona uMduduzi.”

Amunike isandla uMduduzi kuthi baxhawulane noScelo amunike bese usondela enganeni ayibheke amoyizele. Amumangalele uNtwenhle phela usenesithombe sikabhuti wakhe enenkani nje ngenkathi asaseyimamba. Abheke uScelo naye ozithulele

Mdu:”Ngingamuphakamisa?”

Avume ngekhanda uScelo asondele ngokushesha uNtwenhle.

Ntwenhle:”Ungamuthathi uzomuvusa futhi bekungamele ngikufake la uzomuhabulisa.”

Mdu:”Hayi kahle udokotela okholelwa kulokho.”

Ntwenhle:”No bhuti hamba uyogeza izandla kuqala.”

Ahambe ayozigeza abuye amuphakamise alokhu emudlalisa umangele uNtwenhle kodwa angasho lutho.

Mdu:”Uphi umawakhe?”

Azithulele uScelo aswabe uNtwenhle.

Ntwenhle:”Umawakhe uqeda kushona bhuti ubabakhe abengekho kahle bebakulesibhedlela engifundiswa kubo. Mabakhipha umntwana ubabakhe bekenza amalungiselelo okuyoncwaba umamakhe. Abanawo umndeni ngaphandle kwalo aqeda kuwuthola ngibese ngiyasiza nje ngokuthi ngimugadele umntwana.”

Aziswabele naye ngokubuza ngomawakhe.

Mdu:”Hade my authi bengingazi"

Scelo:”Akunasmoko ngiyazwisisa.”

Mdu:”Iplan yini?”

Ntwenhle:”Makuphela inyanga uzomuthatha ngoba nami ngiyaqeda.”

Kukhale ucingo lwaMduduzi alubambe, aphumele phandle aphinde abuye futhi makaqeda.

Mdu:”Usomatekisi lowo uyeza"

Ntwenhle:”Hawu kodwa Mdu ngoba uyamazi akazwisisi umtsheleleni?”

Mdu:”Angimtshelanga uze kwisithandwa sakhe.”

Ntwenhle:”Hayibo thee somatekisi unesithandwa asilandelayo"

Mdu:”Sekaze ulobolile.”

Ntwenhle:”Kumele ngibuye ekhaya ngathi kuningi engingakwazi nje, wake wangisendela isithombe sakhe mangabe yilowo cha ubhuti usizwe uNtombela wathola intombi enhle kanje."

Bahleke uScelo naye azithole sekamoyizela nabo abuye abahalele akhumbule usisi wakhe owadlwengulwa ilenkosi enonya.

Ntwenhle:"Bhuti ngizophuma mhlawumbe amahora amathathu ngiyofunda uzohamba?”

Mdu:”Manje ngifuna ukudla bese ngiyalala kahle ngizovuka emini nami ngiyobona othandiweyo wami “

Ntwenhle :”Ngiyabuya ngizifuna zonke.”

Abheke uScelo makabona babukene benoNtwenhle  aziphumele uMduduzi nekhanda selithulile manje.

Ntwenhle:"Uzobakahle?"

Scelo:"Kwamele vele ungishiye nobhuti wakho?"

Ntwenhle:"UMduduzi makakuzondile ukubonisa niqala kubonana ngimubonile akananking ngawe"

Scelo:"Manje makufika usomatekisi?"

Ahleke uNtwenhle

Ntwenhle:"Uzobona uthini kuye uMdu muthembe."

Scelo:"Ngicabanga kuhamba nami noMpilwenhle"

Ntwenhle:"Ungalinge engingakwenza nje ukuthi ngiyocela izimpahla zakho ekhaya nezinto zokushintsha ngoba ngiyasola ngathi uzolokhu ula."

Scelo:"Bengishilo ukuthi uyaphapha."

Athathe isikhwama sakhe aye kuMpilwenhle amubheke bese uyahamba.

Ntwenhle:"Amahora amathathu neh."

Avume ngekhanda bese uyaphuma uNtwenhle asale sekacabanga edliwa umzwangedwa kodwa ngaphakathi kuye usafuna kubuyela khabo Thandazo ayobulala uNjeza.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UNtwenhle washayela la endleleni ulibangise kwelinye lamakhaya kumthathe ihora nemizuzu ewu30 ukufika khona angenise imoto. Aqhamuke uSphelelo.

Sphelelo:"Ave uyisigebengu sisi awusho ngani ukuthi uyeza?"

Ntwenhle:"Hayisuka uphi uma wami?"

Bahagane bayongena endlini nangu umama uhlezi kusofa uyakorosha ngezinalidi ezimbili ezinde  kodwa akabhekanga la akorosha khona.

Spelelo:"Mama kukhona oze kuwe."

Mama:"Sphelelo angifuni kukhuluma nabantu mina awungitshela usumufoyinelile uNtwenhle ngifuna kubona yena. Kukhona ome naye lapho ubani?

Ntwenhle:"Wena ufuna kube ngubani?"

Athuke umuntu omdala bandla azame nokusukuma aphuthaze induku yakhe la bekayibeke khona.

Mama:"Ntwenhle ngane yami buyala."

Ntwenhle:"No no ngifuna uze ungithole wena."

Ukhuluma uyahleka.

Mama:"Nayi ingane wena ngizokushaya mangikubamba la, buya umama ukukhumbulile."

Agcine sekema uNtwenhle aphuthaze ngenduku yakhe aze amufice akaboni emehlweni umama lona amuhage sekayakhala umntomdala.

Mama:"Hawu ngane yami besengikukhumbulile"

Ntwenhle:"Ngiyaxolisa ma phela sengizoqeda esikoleni manje umsebenzi muningi."

Baphinde bahagane bayohlala kusofa uNtwenhle amubheke izinyawo zakhe lezibazi zokusha.

Mama:"Ngane yami ngizwile ukuthi lesikhohlakali senkosi sinqunyiwe manje kuzobekwa okumele abekwe sengifuna kubuyela ezweni lami mntanami."

Ntwenhle:"Mama ngicela ungiphe inyanga ngizokuhambisa mina mangiqeda konke."

Mama:"Indlovukazi ngiyacabanga ijabulile la ikhona."

Ntwenhle:"Angikakhoni ukuya ekhaya ngenxa yomsebenzi wesikole nokuza lana ngiphoqile nje kumele ngijike ngokushesha."

Mama:"Kulungile nkosazana, usashimile namanje akukafiki nkosana KwaBiyela izocela umshado?"

Ntwenhle:"Woooo mama lutho kusafana kodwa kukhona engimunwebela amehlo manje uthi ngiyaphapha angikholwa yena ungibuka ngaleyo ndlela."

Mama:"Uzibambe nawe uvale lomlomo wakho omude baze bakutshela ukuthi uyaphapha."

Bahleke bobabili.

Ntwenhle:"Mama ithi ngibone isibazi sinjani uyawugcoba locream engawuthumela?"

Mama:"Wuuu ntombi uSphelelo uthi sengifana nengane encane manje, ngibuhlungu nje ngoba ngeke ngimubone uMakhulukhulu wami mzukwana uNkulunkulu esihlanganisa futhi ngimuphuphile futhi ngiyathemba  usaphila la ekhona."

Ntwenhle:"Usaphila ma iba nethemba ngiyacabanga naye la akhona uzofuna ukuya ekhaya makezwa ukuthi sekuyahlaleka endaweni yabo. Yazi mama ngizobuyela ngizocela umama angisize sakhe endaweni yakho. Kanjalo naye makabuya uzoya ekhaya lakhe akufice umlindile,"

Mama:"Konje uthi ungubani?"

Ntwenhle:"Umalukuluku umtshele asheshe azongishada ngoba mina angiboni kukhona ozongishada ngoba bathi ngiyaphapha nje."

Mama:"Loyoke uzokutshela emehlweni mawuphapha noma umcasula ohhhh nkosi yami ngiyathemba ingane yami azange izifake ebugebengwini seminingi leminyaka."

Amuhage uNtwenhle athi ukuhlala baxoxe nje bese uyavalelisa.

Ntwenhle:"Sengizobuya mangiqeda ngokufunda Sphe uphathe kahle lomamezala wami."

Mama:"Hhayi nami angikufuni ntombi ufuna kucinela ingane yami ngokuphapha kwakho."

Bahleke bahlukane uNtwenhle angene emotweni abuyele emuva akakhohlwa mhlazane aya kwababmncane wakhe wabona omunye umuzi ushiswa wabaleka ahamba noMduduzi noPhilane wayongena khona makezwa iphimbo lowesimame ekhala kabhlungu amemeze kuthi indodana yakhe ibaleke wayibona naye indodana yakhe isikude ibaleka.

Wacela lowo nogada ukuthi amusize ngalomama waze wamuthembisa ukuthi uzomuholela nyanga zonke.

Ngempela wavuma wayethatha imali yakhe nokudla endlini kuthi akhokhele lonogada kwaze kwabona umawakhe. Bamufunela lendawo echelile nasebukhosini uNtwenhle nomawakhe kanye nalonogada owamusiza abazi ngalomama...

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU34🌼

KWABIYELA🌼

Ngempela wabakhona umgidi eMgazini abantu kwakukudala bagcina ukuthola injabulo enje kanye nenkululeko. Amantombazane wayesesaba ukuhamba ekhululekile ngoba esaba kuhalelwa inkosi. Iningi lawo lase ligqoka okwabafana kuthi kungabonakali amabele kanye nezitho zawo.

Namuhla bavunulile bakhululekile abanye bagolomba nenkosi ingani iyabonakala ukuthi isasezingeni layo lokuba yibhungu. Kumnandi nje indawo yonke. Ezindaleni zobukhosi uhle usuqalile umsebenzi basusa wonke umlotha wokusha nezinto eziyizinsalela zomlilo.

UMlungisi, Themba kanye noSambulo bayazihambela nje ngezinyawo babheka indawo le, uBiyela naye unabanye bendawo kanye noNtombela, uGabsile unomaBiyela nabo bagcwele yonke indawo babajabulele nje.

Ilanga lishisa kamunandi abafakanga kwamajezi ngendlela okumnandi ngayo.

Ntombela:"Nkosi yami lendawo idinga kuhlanzwa yonke futhi ngayo yonke indlela."

Biyela:"Nguwena ongangitshela kuthi ngikwenze kanjani lokho."

Ntombela:"Bengibona ukuthi ubize umamkhulu ozokusiza ngokuyihlanza angithi yena akasebenzisi amakhathakhatha."

Biyela:"Hawu Ntombela awusazithembi na angisiboni isidingo sokuthi simusukumise kude kangaka."

Ntombela:"Bekuwumbono nje nkosi yami."

Biyela:"Kulungile Ntombela akunankinga."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABUTHELEZI🌼

Zodwa:"Mkhululi angiyithandi lento eyenziwa ilesigugane senkosikazi yakho."

Ubaba kaSambulo uzama ukuzifundela  iphepha umuphethe unkosikazi wakhe, nesimo sesithanda ukubanzima manje ngoba imali ayisangeni kahle njengaseqaleni. Aqhubeke azifundele iphephandaba lakhe uMkhululi.

Zodwa:"MKHULULI NGIFUNA INDODANA YAMI MINA MAKUNGENJALO NAMUHLA NGEKE ULALE LA."

Mkhululi:"UBonga wahamba nomamkhulu wakhe umubhekile la manje mina ngizomuthathaphi."

Zodwa:"Mulande wena use kabi sobuyele kuNelisiwe ukuloyile naye awundoda yalutho. Udotswa ngapha nangapha yazi ngiyazisola ngawe."

Mkhululi:"Uyazi Zodwa ngikhathele ukuthukwa nguwena njalo nje, bengizomubamba njani uBonga afuna kuziyela kumamkhulu wakhe."

Zodwa:"Mawungamulandi mina ngizothumela amaphoyisa lapha bamubophe ngoba akumelanga abe lapho khethake. Khona manje bekumele sibuyele kuMadlokovu ngizomthathaphi mina uBonga. USambulo wabaleka noGabsile emehlweni akho la akukho owakwenza into oyaziyo ukuhlala uneke amasende nje nawo awuwazi umsebenzi wawo uyawalengisa nje."

Acasuke uButhelezi amushaye ngempama awele kusofa uZodwa.

Zodwa:"Ushaya mina Mkhululi mina uZodwa lo uzozisola."

Athathe ukhiye wemoto aphume asale adonsa umoya uButhelezi athuswe umaNdlovu makangena uhlala abona wonke lomkhuba owenzeka phakathi kwabo. Asukume athathe ucingo lwakhe aluchofoze.

Mkhululi:”Unjani Nelisiwe?”

Mamkhulu:”Ngiyaphila Mvulane ngingezwa wena.”

Mkhululi:”Ngiyazi ngakulimaza emoyeni Neli ngijezile ngiyazisola futhi.”

Mamkhulu:”Ufuna ukuthini Mvulane hlala endabeni,.”

Mkhululi:”Ngicela ukubuya ekhaya"

Athule kancane umamkhulu adonse umoya.

Mamkhulu:”Kuphi ekhaya?”

Mkhululi:”Kuwena Nelisiwe.”

Mamkhulu:”Kuningi okuzomele ukwenze ngaphambi kokuthi uzibone usungowami futhi kuzokuthatha eside isikhathi lesi.”

Mkhululi:”Ngizokwenza noma ngabe yini naMangethe noma yini"

Mamkhulu:”Wenzani manje, ukuphi futhi?”

Mkhululi:”Ngisendlini ngiyopaka isikhwama.”

Mamkhulu:”Mawuzophuma lapho uze lakimi ngicela uthathe zonke izimpahla zakho uzishise angifuni lutho mina olwathengwa ngemali yobumnyama. Ushiye konke ngisho imoto yakho bese uyagibela amatekisi"

Mkhululi:”Iveni yethu isekhona ngizoza ngayo.”

Athinteke umamkhulu.

Mamkhulu:”Ngempela isekhona uyibekaphi?”

Mkhululi:"Khona la egcekeni."

Mamkhulu:"Leyo veni leyo ingikhumbuza okuningi, ngizozwa ngawe mawufika."

Aphume abize umaNdlovu.

Buthelezi:"Ngikhiphele zonke izimpahla zami, ngisho wena bhande sicathulo sokisi konke"

MaNdlovu:"Ngikufake esikhwameni baba?"

Buthelezi:"Ukulethe ngale ekhoneni legceke shesha"

MaNdlovu:"Kulungile baba"

UButhelezi ahambe ayokhipha upetrol aphume nawo aqonde kulekhona nomaNdlovu okunye sekakulethile ulokhu ukukhipha kancane kancane. Azishise kusuke omkhulu umlilo lo zishe zonke aze akhumule izicathulo azigqokile. Ahambe ayobheka ukuthi ukukhiphe konke umaNdlovu na afice ikasi lezimpahla lingenalutho ahambe ayobutha umlotha wezimpahla zakhe. Makasaqedile konke aqhamuke uZodwa angenise imoto aqonde kuMkhululi.

Zodwa:"Myeni bengithukuthele ngiyaxolisa ngicela sikhulume"

Mkhululi:"Zodwa sineminyaka emingakhi sindawonye awukaze ungibone ngiyindoda ephelele kuwe, uhlala ungithuka ungisongela bese uyabuya uyaxolisa njengoba usho. Nami ngikhathele manje."

Zodwa:"Usho ukuthini ukuthi ukhathele?"

Mkhululi:"Ngikhathele nguwe uphelile lomshado awukaze ubekhona futhi."

Zodwa:"Awusilutho wena ngaphandle kwami."

Mkhululi:"Ngiyahamba Zodwa."

Zodwa:"Awuthathi lutho la konke kwathengwa ngemali yami"

Mkhululi:"Kulungile Zodwa."

UZodwa uzitshela ukuthi uzomuncenga njengenhlalayenza amangale makamubona aziphumela alenga nje. Aqonde kulemoto embeswe ngengubo ayisuse lengubo ayisuse amacembe aphezu kwayo ayibheke phakathi. Angene makathi uyayidumise yale, igcine seyivuma amoyizele yedwa

uButhelezi. Iskorokoro sakhe lasi kwakunzima ukuthi asilahle makaqala ukuba nemali. Kuningi ababekwenza kuleveni benoNelsiwe wakhe. Angene indlela uZodwa uyamusho ngezinhlamba ngemuva angene endlini yakhe uZodwa aqonde  ekasini lezimpahla makavula acishe ukufa uvalo makafica kungenampahla yomyeni wakhe.

UButhelezi la endleleni afonele ummeli wakhe amutshele kuthi amulungisele amaphepha esihlukaniso.

Meli:"Uhlukanisa nayiphi inkosikazi yakho?"

Mkhululi:"Hayibo le engihlala nayo manje, uZodwa Buthelezi."

Mmeli:"Mr. Buthelezi ngicela uze ehhovisi lami kusasa, ngoba mangikhumbula kahle umshado wakho noZodwa azange kuphume ngisho isitifiketi wavinjwa ilo wakho noNelisiwe."

Mkhululi:"Sadivosa naye"

Mmeli:"Akubonisi ndawo la, nasayinda nobabili na?"

Mkhululi:"Mina ngawasayinda ngase ngiwamukisa kuNelisiwe kuthi awasayinde wathi yena uzowahambisa."

Mmeli:"Kungenzekake inkosikazi yakho azange iwasayinde, iza ehhovisi kusasa ngizobheka kahle kuthi kwenzakalani"

Avale ucingo lwakhe ashayele umamkhulu.

Mamkhulu:"Mvulane."

Mkhululi:"Ngisendleleni sengiyeza manje"

Mamkhulu:"Kulungile."

MKhululi:"Ngicela ukubuza kwenzakalani ngamaphepha esahlukaniso?"

Mamkhulu:"Ngawafaka emlilweni, kukhona okunye ofuna kukubuza?"

Mkhululi:"Ngiyabonga."

Aluvale amoyizele yedwa akhiphe locingo lwakhe ngefastela alulahle ashayele iskorokoro sakhe.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWANTWENHLE🌼

Mdu:"Lesthandwa sakho sithe sibuya nini kanti?

Scelo:"Akusiso mfo ngempela asithandani uyangisiza nje"

Mdu:"Mawusho njalo my authi mina ngifuna kuhamba manje uzobakahle?"

Scelo:"Ngizobakahle  ungakhathazeki."

Mdu:"Noma simulinde makafika ungiphelezele"

Scelo:"Cha khululeka mina ngizobakahle"

Aqede azihambele uMduduzi ashayele nesithandwa sakhe aphume ngomnyango.

Lungi:"Mdu."

Mdu:"Sengiyeza sthandwa sami ngiyathemba soqedile."

Lungi:"Ngiqedile ungeza."

Mdu:"Ngizokubona manje."

Lungi:"Ngicela ungiphathele ikfc."

Mdu:"Yiphi?"

Lungi:"Uzobona nawe."

Ahambe uMdu makangena ekfc kugcwele amangale nje wonke umuntu amudedela kuthi athenge. Abadedi kahle bayabaleka amangale asondele athenge. Kwalo athenga kuye uyabonakala ukuthi uthukile ngoba wenza amaphutha amaningi.

"Sir uthe ufuna 5 pieces?"

Mdu:"Yebo namawings phezulu"

"Eish ahm ngiyaxolisa wuuu Nkosi yami ngiyaxolisa kakhulu mina ngenze amatwister iya ngizowakhansela"

Mdu:"Akunankinga sisi ngizowathatha"

"Ngiyaxolisa ngizowakhokhela"

Anikine ikhanda uMduduzi.

Mdu:"Sisi ngithe ngizowathatha"

Atatazele nangemuva sebanake oda likaMduduzi nalaba afike sebathengile sebeme kude le. Amangale ngoba asalinde baqede ngokudla kwakhe achele phambili kuthi kusondele omunye akekho ofuna ukusondela. Bamunike ukudla kwakhe makaphenduka akusekho muntu ekfc nguye yedwa kwalaba bebahlezi badla kusele yena yedwa. Aphume aqonde emotweni yakhe afike ahlale kancane athathe ifone yakhe afonele ubhuti wakhe amazise ngokuqeda kwenzeka.

Mlungisi:"Sizokhuluma mawubuya la ekhaya akusizi ubuya nini?"

Mdu:"Angazi bengingakacabangi."

Mlungisi:"Bengithi ngiyeza ubaba wangivimba kumele usheshe ubuye sizokhuluma"

Mdu:"Uyangithusa bafo"

Mlu:"Ukhulile Mdu uzozimela ungakhathazeki."

Mdu:"Indaba yokuza khabo Lungile uthini ubaba?"

Mlu:"Ugcine athe uzozwa ngawe."

Mdu:"Ngomgqibelo lo esiya kuye ngicela ungicelele"

Mlu:"Kulungile labantu ababonisa kukusaba bayeke ngeke bakwenze lutho."

Mdu:"Sho futhi kukhona into eyenzekile mangehlisa uLungile kubo."

Mlu:"Kwenzakaleni?"

Amuxoxele ngento edlale emqondweni wakhe makasesangweni lakhabo Lungile.

Mlu:"Shit"

Mdu:"Kwenzenjani?"

Mlu:"Mduduzi ungasabuyeli khabo Lungile"

Mdu:"Kumele ngiyomubona manje"

Mlu:"Mduduzi ungasondeli esangweni lakhona mela kude yena eze kuwe. Konke ngizokuchazela mawubuya. Uzobuya naye na?"

Mdu:"Cha sivumelane ngokuthi uzobuya sengimulobolile"

Mlu:"Buya ekhaya namuhla Menziwa."

Mdu:"Ngizobuya."

Mlu:"UNtwenhle unjani?"

Mdu:"Ukahle lowo uyamazi."

Mlu:"Akukho okubheke eceleni la ahlala khona?"

Mdu:"Akukho my authi"

Mlu:"Sho."

Bavalelisane asuse imoto yakhe alibhekise khabo Lungile angasondeli vele azimele kude bese ufonela uLungile. Kumenze futhi abone umuntu abaleka nesikhwama yena uyamulandela ngesibhamu amudubule elokhu emugijimisa lomuntu angene komunye umuzi.

Ehle emotweni uMduduzi alandele la lomuntu abalekela khona. Makasazosondela azithele kuLungile naye umumangalele ngoba abengamuboni. Uyabonakala ukuthi uhamba okomuntu omangele nje.

Lungi:"Sthandwa sami."

Mdu:"Eish kukhona bani kini, ukhona uma?"

Lungi:"Ukhona."

Mdu:"Ngifuna indlela yokungena kini Lungi kukhona into eyenzeka lapha kini engingakhoni kuyiqonda kahle. Ngiyazi mangingangena ngingabona kungicacele."

Lungi:”Ukhulumisa okomuntu oboniswayo?”

Mdu:”Angazi,nami kwenzenjani.”

Lungi:”Kuncono ukhulume nobaba sthandwa sami bengizokufaka ngalesango elingemuva manje angifuni senze into ezosifakela amabhadi kulothando lwethu. Angithi sitsheliwe ukuthi,unganyatheli ekhaya ungakangithathi"

Amubheke amoyizele.

Mdu:”Uqinsile namuhla sengiyajika"

Lungi:”Ngicabangile bazokudinga ekhaya emuva muningi umsebenzi nje khululeka,sthandwa sami.”

Mdu:”Yingakho ngikuthanda kangaka nje uyashesha ukulalela.”

Lungi:”Manje nje ilanga lizoshona ngicela uhambe manje kusakhanya"

Kuqhamuke uScelo ngemoto kaSambulo naye uScelo makabona uMduduzi ayihambise kancane babhekane.

Mdu:”Sekabuyile na?”

Scelo:”Ubuyile yingakho ngizobheka uma.”

Mdu:”Uhlala ngapha uma bokhuluna ngaye?”

Acelo:”Eya.’

Mdu:”Unenombolo yami makukhona okudingayo ungishayele"

Scelo:”Kulungile ngiyabonga kakhulu bhuti.”

Mdu:”Sho.”

Bangene emotweni ayisuse uMduduzi bayosithela ekhoneni uScelo yena angene khabo Lungile. Ehlike emotweni ayongena endlini.

MaBaloyi:”Hawu indodana yolahleko.”

Scelo:"Ninjani ma."

Kuqhamuke uNokubonga.

MaBaloyi:"Ungakamuhaleli nje mfanami lona uNokubonga uyindlovukazi uzoshada inkosi yasemazweni."

Scelo:"Mama ngeke ngimuhalele unjani ndlovukazi."

Nokubonga:"Ngiyaphila unjani"

Scelo:"Ngiyaphila ndlovukazi yami"

MaBaloyi:"ULungile usaphumile uzomubona makabuya."

Kukhale ucingo lwakhe makabona ukuthi uNtwenhle aphume ayokhulumela phandle.

Scelo:"Ntwenhle."

Ntwenbke:"Scelo yazi angifundanga lutho namuhla, ungakhona kubuya uzolala nganeno futhi ngizokwazi ukufunda. Ngizoba emuva"

Scelo:"Kulungile ngizothatha okokushintsha."

Ntwenhle :"Usheshe Scelo ngoba manje ngiyamugezisa mangiqeda ngifuna ukufunda."

Bavalelisane aluvale abuyele endlini.

Scelo:"Mama sekumele ngihambe manje."

MaBaloyi:"Hawu ufika nje ngane yami noma angigezanga kahle nginuka amakhwapha."

Bahleke Nokubonga noLungile.

Scelo:"Akusikho lokho ma."

MaBaloyi:”Ubuzolala kusofa namuhla ngoba amagumbi akhona ambalwa.”

Scelo:”Uyabonake khululeka ube namadodakazi wakho.”

Ahambe athathe izimpahla nezinto azozidinga aphume futhi kusale uNokubonga nomamBaloyi. Besahlezi nje kungene uSwazi uyabonakala akajabulanga ikhala ungafunga ukuthi lisukile la elihlala khona.

Swazi:”Ohhhh manje sengiyayibona lento yingakho uThemba engabuyanga ulala la ngoba kukhona wena.”

MaBaloyi:”Unjani Swazi?.”

Swazi:”Mama inhliziyo yami ibuhlungu lento uyivumela kanjani kwakho.”

MaBaloyi:”Namuhla  ngeke ngivume kudelelwa nguwe emzini wami, ngoba uzosifuna lesoka lakho umshayele na wamubuza ukuthi ukuphi.”

Swazi:”Akalubambi ucingo, ubuyile ingabe kuyakujabulisa ukuchitha injabulo yami?”

Asukume uNokubonga.

Noku:”Mama ngisayoqambalala utshele uLungile makabuya angivuse.”

MaBaloyi;?:”Ngizomazisa sesi hamba uyoziphumulela"

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T🌼

ISIQEPHU35🌼

KWABIYELA🌼

UMlungisi makaqeda ukukhuluma nomfowabo aqonde kuSambulo bakhulumele eceleni uThemba akabanakile.

Mlungisi:"Sengikhathele my authi ilemfihlo ngicabanga ukuthi ikhulunywe kuphele ngayo"

Sambulo:"My authi yekela abantu abadala nalento thina asazi lutho. Uyabona uThemba unenye inhliziyo uzonishisa nonke la kini nami phakathi. Cabangisisa ndoda."

Adonse umoya uMlungisi

Sambulo:"UMduduzi uyamuthanda uLungile maningamutshela lento kwayena uzonizonda noma uzozimukisa emaphoyiseni. Lezingane zakhe ezimbili bese kwenzakalani ngazo?"

Mlungisi:"Ngezwa nomamkhulu ngathi uthi useza omunye kungenzeka umnembile futhi."

Sambulo:"Lomfana kini madoda uyakwazi ukusebenza kumele asifake esikoleni asihlalise phansi."

Mlu:"Bese uyakhipha asitshengise ukuthi wenza kanje mawufuna ukunemba."

Bazihlekele nje

Sambulo:"On a serious note my authi uThemba impintshi yami ngisuka kude naye ngizizwa ngathi angisuye umngani weqiniso ngalento engiyaziyo ngaye. Ukube bengingakahlangani

nawe besizothola leqiniso besizoza la silalise konke ubungani bethu bunjalo siyalwelana. Manje lokhu engikwenzayo mina ngiyamumosha ndoda"

Mlu:"Bafo noma ingavela lento ngeke ngisho ukuthi uyazi ndoda futhi akekho owaziyo ukuthi uyazi."

Sambulo:"Emva kwalento my authi ngicabanga ukuthi siye kumamkhulu yena uzoba nayo indlela."

Mlungisi:"Uqinsile futhi vele kumele ngilande indlovukazi yami."

Sambulo:"Yazi uzokudinga nje kunemfihlo umamkhulu athe sekuyisikhathi kumele amutshele yona, mina ngayithatha kahle angazi yena uyabazi abafazi banjani, futhi indlovukazi yakho uyashesha ukuzwela."

Mlu:"Inzima kakhulu yini lemfihlo?"

Sambulo:"UNokubonga uyindodakazi kamamkhulu?"

Amangale uMlungisi

Mlu:"Ngempela?'

Sambulo:"Ngempela."

Mlu:"Bayafana yazi hayibo kanjani ithayma lakho kanti alishadanga usesi wamamkhulu?"

Sambulo:"Hhey lekhehla ngathi belivithiza ngapha nangapha kumamkhulu kwavela mina noNokubonga kulo ohlezi nobaba kwavela uBonga."

Mlu:"Tshoooo angazi noma ngithi phephisa noma ngithini."

Bahleke futhi kusondele uThemba

Themba:"USwazi sekayisusile ekhaya futhi  angazi kuthini kuye makabona uNokubonga."

USambulo anikine ikhanda

Sambulo:”Ayyy my authi yekela lento akukho ozokwenza ngaye kunini umthulele.”

Themba:”Angazi ulwe namantombazane angakanani ngempela ngiyamuyeka vele.”

Sambulo:"Manje inkinga yakhe ikuphi?”

Themba:”Uthuswe ukubona ipentshisi kanti naseqaleni wangibona nginalo.”

Sambulo:”Wena mmmmmm 👉👉👉.”

Themba:”Yini?”

Sambulo:”Ngiyakusola bolifuna lepentshisi ngangikubona mina ngenze ngathi angiboni lutho"

Themba:”Tsek ndoda ungazokhuluma,izinto zamzukwana emazweni.”

Sambulo:”Vumake ukuthi ubulifuna.”

Themba:”Iya bengilifuna kodwa ngisaba wena.”

USambulo abheke uMlungisi ozithulele ngoba akamazi lopentshisi kukhulunywa ngaye.

Sambulo:”Mlu uyamazi,upentshisi?”

Themba:”Wazenza umfazi manje Sambulo.”

Mlu:”Angimazi.”

Sambulo:”UNokubonga.”

Mlu:”Ohhhh.”

Athule bese uhlanganisa lento bebayikhuluma manje abheke uThemba.

Mlu:”Nxxx ndoda fuseg ufuna indlovukazi yami"

Bahleke

Themba:”Bengi kodwa nali ibhubesi belihlala libhonga celeni kwakhe"

Bahleke futhi.

Mlu:”My authi ngeke ngisakuthemba manje ungalinge umubheke ndoda.”

Themba:”Ngeke my authi, kumele ningihlanganise nalosesi wakho enithi useskoleni phela anginalutho manje"

Mlu:”Heyyyyyy yeeyyyyy ungalinge umuphuphe ngisho ukumuphupha yerrrrt ngingakunyisa.”

Sambulo:”Ungamenza isiNjeza"

Bahleke futhi

Mlu:”Angifuni ngaleyo ngane kama mangibuka lamaphara abafana ngendlela abadlala ngayo ngezingane zabantu ngivele ngicabange yena. Inkosazana kababa wuuuu naye angaphathwa inhliziyo"

Themba:”Izamuphathelani inhliziyo ngoba ngizolobola ngimshade.”

Mlu:”Hhey ndoda asiyeke lendaba uyanginyanyisa.”

Sambulo:”Wakusho kwagcwala umlomo ngathi wena awukho busy nosesi womunye umuntu.”

Themba:”Hayi uqinsile yazini ngizomufuna ngimthole.”

Bazihlekele futhi

Mlu:”Mina ngiyahamba manje lomtshakadulo sengikhathele yiwo, lento ongitshele yona iyangithusa uzokhalela kubani uNokubonga.”

Themba:”Ngikhona angithi mina ngiyahamba manje.”

Mlu:”Hayisuka ndoda awume ithi ngiyokhuluma nobaba.”

Sambulo:”Manje uMduduzi angithi uthe akabuye, ithi ngibuze umamkhulu.”

Alukhiphe vele amushayele makalubamba amubuze.

Sambulo:”Ma unjani?”

Mamkhulu:”Ngiyaphila ndodana.”

Sambulo:”Ngakuzwa uthi ufuna kutshela uNokubonga ngalento makacabanga kuzoba yinto yanini ngoba ulapho manje?”

Mamkhulu:”Sambulo ndodana bengithi ngizokushayela kumele ngihambe kancane.”

Sambulo:”Awukwazi ukuhamba kunje ma uyaphi?”

Mamkhulu:”Buya ekhaya mfanami usuyisizile inkosi manje inqobile usudingwa umndeni wakho.”

Sambulo:”Kwenzakalani ma?”

Mamkhulu:"Buya ekhaya.”

Sambulo:”Ngiyeza ma khona namuhla.”

Aluvale ucingo aphendukele kuMlungisi

Sambulo:”My authi kumele ngihambe nami ekhaya bayangidinga.”

Mlu:”Ngihambe nawe my authi?”

Sambulo:”Umndeni wakho uyakudinga nawe my authi.”

Mlu:”Ngeke ngikuyeke uhambe wedwa songisize kanje, ngisayokhuluma nobaba makungekho okuzongidinga ngihamba nawe"

Abashiye lapho angakaphenduli noSambulo aqonde kubaba wakhe uBiyela uhlezi nabanye bobaba besigodi.

“Nkosi yesizwe hawu indoda yamadoda.”

Aphakamise isandla labantu abadala abahlezi nobabakhe bemuncoma.

Mlu:”Baba ngicela kukuluma indlebe kancane"

Asukume asondele kwindodana yakhe.

Mlu:”Baba kunesimo khabo Sambulo indlovukazi yami ilapho ngizwa ngigcwala amanzi emadolweni ngifuna ukuhamba.”

Biyela:”Ndodana awulandeli nje indlovukazi ngamacebo.”

Mlu:”Lutho Mgazi hawu kufaka nomamkhulu futhi angazi nami kanjani ingabe kukhona okusangidinga?”

Biyela:”Akukho nkosi yami konke kusabheke phezulu nje kuyalungiswa nami ngizolokhu ngizophosa iso ungakhululeka"

Mlu:”Ngiyabonga baba.”

Makathi uyasuka

Biyela:”Mlungisi.”

Athalaze kuqala uBiyela asondele kakhulu kuMlungisi aze amuthinte ngalesisu sakhe esikhulu.

Biyela:”Uyazi ngona umama kaGabsile unembeza wami uyangilahla ndodana, uGabsile uthi uhlala lapha ekhweni lakho uyisisebenzi khona. Ngicela ubone ongamusiza ngako kepha igama lami lingaveli.”

Mlu:”Baba uyabonake.”

Biyela:"Ukhulile la akhona akanawo umuzi ngenxa yokubalekela mina mntanami, ngiyathembisa akukho okubheke eceleni engifuna kukwenza kuye ngicela nje umsize."

Mlu:"Kulungile baba ngizokwazisa masengikhulume naye."

Biyela:"UGabsile akahambi utshele lesoka lakhe lezifubakazi ukuthi uzomthola mzukwana walobola."

Azihlekele uMlungisi.

Mlu:"Ukunye baba uMduduzi ungifonele.."

Amuxoxele akutshelwe uMduduzi okumenzakalele makasesangweni lakhabo Lungile.

Biyela:"Hlala nomfowenu ngale ningayi khabo Lungile sizoza ngoMgqibelo kuzolobola njengoba azishelo ngifuna nokubona uNtwenhle."

Mlu:"Kuzomele ngimushayele ngiyathemba akakasuki."

Ahambe ayovalelisa kumawakhe uSambulo naye ayovalelisa uGabsile.

Sambulo:"Uzobakahle sthandwa sami?"

Gabi:"Ngizoba kahle."

Sambulo:"Ngathi ukujabulele kakhulu ukuba sekhaya nje?"

Gabi:"Angifuni kuqamba amanga ngijabulile futhi ngiyazizwa ukuthi ngisekhaya."

Sambulo:"Ngiyakubona uziphathe kahle ngiyakuthanda uyezwa."

Gabi:"Nami ngiyakuthanda."

Bahagane bese uyamuqabula

Gabi:"Lo ofohlayo phakathi kwethu yini inkinga yakhe."

Azilungise uSambulo

Sambulo:"Ubabakho akanazwelo uyazi ngikukhumbule kanjani."

Gabi:"Nami ngikukhumbulile."

Sambulo:"Ngathi ngingazitika manje."

Ahleke uGabsile baphinde baqabulane bese uyamubuka agijimela esixukwini bekakuso, ahambe uSambulo ayogibela emotweni emumele yaboMlungisi kushayela yena uMlungisi uThemba uzihlelele emuva, afike agibele phambili, Bahambe bayolanda izimpahla bangene indlela.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Sphelelo:"Mama ngisaya kolanda izincwadi zami sebangidilivele"

Mama:"Kulungile ndodakazi vala lapha emnyango usheshe phela ukubuya sekuhwalele manje."

Sphelelo:"Ngizoshesha ngicele umawami akubheke ngizosishiya naye isikhiyo."

Mama:"Kulungile mntanami ungiphathele phela lamaskopasi ohlala uwaphatha."

Amubekele konke duze naye aphume akhiye kahle. USphelelo intombazane eyacelwa uNtwenhle ukuthi amubhekele umamMakhulukhulu ngenhlanhla naye wavuma uSphelelo. Bahlala kamnandi naye umndeni wakhe wonke umugadile nje. Ufunda ngeposi uSphelelo wenza ububhalane (Secretary).

Nomawakhe amuphathise okuthile ahambe ayogibela aqale ezitolo ngoba ziphambidlana zona. Agcinele eposini athole izincwadi zakhe axakeke nje ukuthi uzoziphatha njani lezinto sezingaka. Azincenge ayoshona ematekisini sekuqala ukuhwalala uyahambisa futhi. Athuke ome afica amatekisi sewaphelile nya awasekho kunabantu abambalwa nje.

Abone ukuthi ukukhala ngeke kumsize ngalutho akahambe ayoma emgwaqeni azohayikha izomoto ezindlulayo. Akakuthandi nalokho kuhayikha ahambe ephumula yilomthwalo awuphethe.

Afike eme ziyandlula usasaba kuzikhomba elokhu akhuleka ngenhliziyo, baphele abantu emgwaqeni kuqale kube munyama sekayakhala uSphelelo aze acabange uNtwenhle nguyena ongamusiza akukho nala angasithela khona sekunomoya obandayo manje.

Nazo izimoto sezindlula kancane manje seziyancipha asamile kanjalo kuvumbuke inqumbu yabafana ababone nje ukuthi bangaboskhotheni baseza le. Abambe izincwadi zakhe negiloza bayayidinga kubo nayi imoto iyaqhamuka boskhotheni bayasondela nabo.

Omunye:"Nangu oyedwa."

Omunye:"Awume kuphapha sani nayi imoto vakga indlule."

Abone ukuthi makangasizwa yilemoto kuphelile ngaye, angene emgwaqeni yize lemoto iya la angayi ngakhona. Angene emgwaqeni abeke amapulastiki phansi aphakamise izandla zombili uhle uyakhala ngapha uyabanda. Ize imoto icishe imundlula kancane ime kuvuleke ifastela makabheka athuke nayi ihamba amadoda amathathu. Abheke laboskhotheni abamugwinyela amathe baningi kuncono ahambe nalaba abathathu bahlanzekile futhi bona. Kukhulume umshayeli

:"Uyaphi kumnyama nje awubheke labafana bagcwele indlela."

Sphelelo:"Ngicela ningisize bandla ngifike erenkini sewaphelile amatekisi."

Ngena sesi."

Mshayeli:"Mangabe isipoki ndoda awume."

Omunye:"Wake wasibona isipoki esihamba ngaleskhathi."

Balokhu bephikisana uSphelelo abone nje ukuthi laboskhotheni baningi bangababamba bonke nje, uyababona bayasondela kancane nabo sebazibonile ukuthi baningi. Avule umnyango angene nezimpahla zakhe kanye nezincwadi. Okunye akubeke phezu kwalo ohlezi emva umshayeli nomunye phambili. Basondele laboskhotheni sebeme bazungeze imoto. Ahleke lomshayeli amangale uSphelelo ukuthi yini ehlekisayo la.

Mshayeli:”Eyyy my authi naboke bazizwa amandla.”

“Ngiyababona nkosi yami asibalinde.”

Mshayeli:”Bafuna intombi yabo.”

Sphelelo:”Angisiyo intombi yabo ngiyacela ningangehlisi.”

Omunye uskhotheni ashaye imoto ngaphandle.

Mshayeli:”Anginaso iskhathi sokudlala namasimba,mina ngikhumbule indlovukazi yami.”

Omunye:”Omunye ukhumbule uSwazi wakhe.”

Omunye:”Uyangibhedela manje"

Mshayeli:”makashaye lemoto futhi lo uzongithola kahle"

Sphelelo:"Ngicela sambeni bobhuti ngiyanicela.”

Kukhale go bashaye imoto futhi avule isivalo umshayeli ahushule isibhamu aphume angakabeki nonyawo phansi basakazeke umgwaqo wonke basale bahleka abuyele emotweni, avale ayisuse.

Sphelelo:”Mina angiyi le ngiya le.”

Mshayeli:”Hawu thina siya le nje kwenzenjani?”

Sphelelo:”Ngiyacela bandla bhuti.”

Omunye:”Usivimbeleni kanti uya le?”

Sphelelo:”Bengibona labafana basondela kimi.”

Omunye:”Ubani igama lakho?”

Sphelelo:”Sphelelo.”

Omunye:”Mina nginguGabsile, lo oshayelayo uNokubonga lo ohlezi naye lapho u ayyyy my authi ungubani.

“NginguSphelelo.”

Babhekane bamuhleke azithulele uSphelelo bandla ngoba akazi madoda abhemeni azibiza ngamagama amantombazane. Abonge loNokubonga sekayijikisa imoto.

Nokubonga:”Sphelelo ukahle lapho?”

Sphelelo:”Ngikahle bhuti.”

Gabsile:”Cha ngisho lo,ohlezi,naye lapho.”

Sphelelo:”Awufuni  nokwazi.”

Axole makabona belokhu bejika la abalayela khona bangamuhluphi bafike bayimise esangweni umawakhe sekahle ungaphandle uyabonakala ukhathazekile. Lo ozibiza ngoSphelelo

“Yehla ngizoza nezinto zakho umntomdala ngathi ukhathazekile”

Bamuhleke laba abahlezi phambili

Nokubonga:”Kulungile sgora phakamisa zonke uwedwa”

Ehlike uSphelelo umawakhe amuhlangabeze amuhage sekayaqala uyakhala futhi.

Ma:”Bekungamele ngivume uphume ngalesikhathi ophume ngaso mntanami ukahle"

Sphelelo:”Ngikahle ma.”

Aqhamuke nomthwalo makawubeka phansi nje kuqhamuke ubaba kaSphelelo

Baba:”Ubani lo obhodla emzini wami?”

Ubuza uyasondela

Sphe:"Baba ubhuti ungisizile emgwaqeni"

Baba:"Ungowakabani mfana."

"Baloyi baba"

Baba:"Inkunzi yeshangane uyayazi indodakazi yami?"

Angakaphenduli

Mama:"Baba abazani ushilo nje ukuthi umsize emgwaqeni, mfanami siyabonga kakhulu."

"Kubonga mina mama"

Aphume makafika ngasemotweni abheke emuva ilihlo licinga uSphelelo angene emotweni isuke ijike ikhanyise egcekeni kuthi bha uSphelelo uyibhekile naye isithele seyibuyela emuva. Ahambe naye ayongena endlini uSphelelo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWANTWENHLE🌼

UScelo ufike sekahle ayikhumbulile indodakazi yakhe, afike aqeda kuyigeza uNtwenhle.

Scelo:"Bengifuna kumugeza"

Ntwenhle:"Uzomugeza kusasa akunankinga"

Scelo:"Wena uphume la uthi uyofunda manje"

Ntwenhle:"Bengiyobona umama."

Scelo:"Manje ubufihlelani?"

Ntwenhle:"Wena awubazi kahle bobhuti bami."

Scelo:"UMduduzi uyabonakala ukuthi uyakuthanda kodwa, usesi wakhe omncane."

Ntwenhle:"Kona kunjalo, ithi ngisheshe uzaze abande."

Scelo:"Kumnandi ukuba udokotela?"

Ntwenhle:"Kumnandi mangabe into oyithandayo, mawungathandi ngeke kulunge."

Bezwe kukokoda umuntu uScelo athathe ingane ahambe ayobheka uNtwenhle abuye sekahamba noMduduzi.

Ntwenhle:"Mina bengicabanga ukuthi uyahamba."

Mdu:"Bengihamba usomatekisi uthi sekayeza sesizojika sonke."

Ntwenhle:"Uzoza la azomosha."

Mdu:"Ungakhathazeki nami angifuni ngoScelo sizobona simususa njani la."

Ntwenhle:"Manje uzolala?"

Mdu:"Ngiyahamba ngishiye ianda yami ebhavini lakho phela angizanga nazimpahla."

Ntwenhle;"Hayisuka bhuti ungibambise ianda yakho sies yuck"

Mdu:"Angikhumbuli mina ngithi bamba ianda yami ubufunani kuyo."

Athule uNtwenhle

Mdu:"Angikukholwa ubucabanga ukuthi eyaScelo, eyakhe uyigoqe kahle kanti kube ubuwazi eyami bongeke uyithinte"

Ntwenhle:"Hayi bengeke vele."

Ababukele uScelo umoyizela nabo naye noma angasho lutho.

Mdu:"Ikuphi?"

Ntwenhle:"Kulelayi lokuqala."

Ahambe ayovula ayikhiphe amushaye ngayo.

Ntwenhle:"Nalamantombazane ayaqoma Mduduzi ubuhamba ungagqokanga ianda akukushayisi kabhlungu emphethweni wejini?"

Ahleke uMduduzi anikine ikhanda.

Mdu:"My authi uyamubona mufunde njalo uyakhuluma ngalomlomo uphinde akhale ngawo.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T🌼

ISIQEPHU36🌼

Mayisuka imoto khabo Sphelelo kuthule kancane uThemba elokhu ebheka emuva boSambulo bayachwebana bayamuhleka.

Themba:"Ngiyabuya la kusasa"

Badazuluke uhleko

Sambulo:"Uzokwenzani ekudeni kangaka?"

Themba:"Ngiyabuya"

Mlu:"My authi ungabuyeli kudlala ngengane yabantu uyamubona nje kuthi uyazibhayizela usemncane.."

Themba:"Ngeke nizwisise phela mina ngaqale ngabuka uGabsile ngazibamba naye wayengibuka."

Sambulo:"Leyonto inginyanyisa kabi mangiyicabanga naye wayehlala angibuzi, bhuti uphi babBaloyi"

Mlu:"Mawusuka sobuka uNokbonga"

Themba:"Nakuye ngazibamba ngalokuhlonipha naku manje umthathile la angizibambi lutho, kumele ngifike ngenze kahle ngimutshele angisakhoni nje endlini noSwazi noma asangana kodwa sibuya kude sinaye."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABUTHELEZI🌼

UZodwa usalindile uyazitshela ukuthi uyabuya umyeni wakhe ngeke amushiye kanjalo akasilutho ngaphandle kwakhe. Uyilento ayiyo ngenxa yakhe ngeke nje yonke lemali yenziwe isibindi anaso. Amadoda athanda owesifazane onesibindi angithi yingakho uMkhululi athanda yena noma amudlisa kodwa uyamuthanda. Asukume vuthuthu aqonde kwaMadlokovu angene angazibikanga.

Madlokovu:"Hayi hayi ukuthi wazi isikhindi sami akusho ukuthi ungene udelele idlozi lami khumula izicathulo"

Ajike uZodwa akhumule izicathulo ayohlala phansi.

Dlokovu:"Ngikusiza ngani."

Zodwa:"Ngibona iveni yakho inomthwalo Madlokovu kwenzakalani, umyeni wami uhambile ngifuna umuthumele ngezulu la akhona manje."

Dlokovu:"Izimpahla zami lezi ziyafika nje"

Zodwa:"Izulu."

Dlokovu:"Ngeke limenze lutho izulu anginawo lawo mandla."

Zodwa:"Madlokovu ngikwazi uyindoda enamandla obumnyama noma ufuna ngizinikele kuwe azovuka amandla."

Asukume uZodwa azikhumule awisele impahla phansi asale nqunu amubheke uMadlokovu njengedoda imiphathe imizwa asondele uZodwa.

Zodwa:"Buya uzovusa amandla akho phakathi kwemilenze yami, kunemfudumalo khona kanti mawuphuma uzobe usuwaphethe ngiravaze Madlokovu ngizobiza izibongo zakho ngendlela ofuna ngayo. Ngithathe ngifuna umyeni wami futhi"

Amubheke uMadlokovu uZodwa amubambe esithweni sakhe kusinde esandleni akhiphe ulwimi lwakhe uZodwa.

Zodwa:”Uyangifuna uyawafuna lamandla obumnyama ngiravaz"

Dlokovu:”Ngizokudabula mina indoda uyizonde impilo yakho yonke.”

Zodwa:”Ngiravaze nakhu kumile.”

Dlokovu:”Wyyyyy eyyyyyy eyyyyyyy iyoooooo."

Amubambe entanyeni uMadlokovu amuphushele obondeni aziqhaqhe uziphu wakhe isandla esinye sisasentanyeni..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWANTWENHLE🌼

UScelo uhlezi noMduduzi bayadla uNtwenhle usegunjini yedwa uyadla, uMpilwenhle yena uzilelele.

Mdu:”Awusho mawundlula kulento eyenzekayo ufuna kwenzani"

Scelo:”Mina ngiwumuntu ophiwe ngokukhanda konke nje okuphukile ngingumuntu wakho, azange ngibe namandla okuqhubekake bengifisa ukuba sonjiniyela.”

Mdu:”Usengaya ekolishi nje futhi manje kukahle ngoba sokhandile okuningi usuzobhala into ayaziyo.”

Scelo:”Inkinga imali"

Mdu:”Uyabona ngiyayibona lendlela eniyihambayo noNtwenhle. Wena awufuni ukubona ngoba usasezinhlungwini kepha mzukwana uvumela imizwa nithandane umndeni wasekhaya ngeke ukwamukele mina ngifuna kukusiza.”

Scelo:”Sbari mina mawungisiza ngicela ungenzeli usisi wakho noma kuthi ngizizwe ngiphelele emndenini wakho. Ngisize ngoba ungisize futhi ubona ukuthi ngilulungele usizo lwakho. Mina noNtwenhle singaba ngani ngeke kwenzeke nangelilodwa ilanga sithandane. Ikakhulukazi manje sengimubuka njengosisi wami.”

Mdu:”Ungashalazela ngendlela oyifunayo kepha mina ngiyakutshela ,uNtwenhle ngiyamazi unenhliziyo enhle uyathanda ukusiza kodwa lokhu akwenza kuwe akusasi ukusiza"

Scelo:"Yini?"

Mdu:"Uthando wakha umndeni wakhe uNtwenhle angifuni kukukhohlisa my authi ngicela usheshe umtshele angakangeni deep uma ungamuthandi."

Athule uScelo abheke phansi

Scelo:"Yazi usesi wakho wake wangilandela ngisuka esibhedlela ubonile ngihlalaphi, washayela waze wafika lapho. Mina ngamubona ngathi intombazane ephaphayo ethanda ukuzilahla ebafaneni"

Mdu:"Hayibo Scelo ngicela usheshe ucace uNtwenhle uyakuthanda, ngifuna ucace ngokushesha ngiyabona lento izomulimaza. Yena angabonakala ngathi uqinile kanti cha yingakho umndeni wonke ungafuni ngaye. Ubaba yeses angasikhipha isidumbu ngaye uyashesha ukuzwela."

Scelo:"Uyangithusake manje kodwa mina angimuboni kanjalo."

Mdu:"Yingakho ngithi caca bese uyahamba, ngizokusiza mina man to man, angikhumbuli kahle kodwa ngilinde umfowethu ngoba uthi nginendawo la bengihlala kuyo. Mangabe ikhona ngizokunika yona uthole umuntu akubhekele ingane yakho uqale impilo kabusha."

Scelo:"Niphiwe kini inhliziyo enhle."

Mdu:"Mina ngenzela usesi wami umani uyashalazela manje niyathanda ukubukana."

Amoyizele uScelo abheke ukudla kwakhe.

Scelo:"UNtwenhle muhle yingakho ngilahleka ebuhleni bakhe kepha mina ngifuna ukuhlonipha umama wengane yami isikhathi esanele. Ingane yakini udokotela mina ngaleso sikhathi nginomatikuletsheni kuphela. Ayyyy noma kuthiwa ngizithanda kangakanani ngifuna ukuzizwa ukuthi ngiyindoda mina."

Mdu:"Ngiyakuzwa ndoda besengikutshela nje, tshela mina awumucabangi nakancane uNtwenhle?"

Scelo:"Uyabonake angimuboni ngaleyo ndlela."

Mdu:"Sizobona"

Kukhale ucingo lukaMdu aluphendule

Mdu:"Mlu."

Mlu:"Mdu ukaNtwenhle?"

Mdu:"Sho ngilapho."

Mlu:"Isenombolo bani?"

Asukume uMduduzi

Mdu:"Ul?"

Mlu:"Yebo inombolo."

Mdu:"Bengicabanga ukuthi sizoya la othi bengihlala khona noma kaGbasile."

Mlu:"Hayibo ngingasaboni mina inkosazana yaseMgazini inombolo."

Avale ucingo uMduduzi abize uNtwenhle eze

Ntwenhle:"Senidlile?"

Mdu:"Usomatekisi ungaphandle ufuna inombolo yefulethi."

UScelo  makabona ukuthuka kukaNtwenhle ezwe ubuhlungu ngoba usenkingeni ngenxa yakhe. Kubekhona okokoda emnyango.

Ml:"NTWENHLE"

Ntwenhle:"Sekatholile"

Mdu:"Muvulele ngizothi impitshi yami le sesiyahamba"

Ntwenhle:"No wena vula mina ngiyoqhubeka nokufunda angithi umngani wakho uhlezi naye"

Mdu:"Ngeke ayithathe leyo."

UNtwenhle abambe uScelo ngesandla amudonse.

Ntwenhle:”Kuncono acashe wenze isiqiniseko sokuthi niyahamba ubhuti phela ungena yonke indawo makala"

Mlu:”Hayibo yini kanti Mdu.”

Baye egumbini amufake ekasini lezimpahla

Scelo:”Asenzi lutho kungani ungicashisa kanti?”

Ntwenhle:”Ngikholwe mangithi ubhuti wami uhecti, ubekahle yezwa.”

Scelo:”Manje makangavula kuncono phansi kombhede unginike nomqamelo.”

Aphume bafakane phansi kombhede awezwe amaphimbo ahlale phezu kombhede, uScelo ahlebe ngaphansi.

Scelo:”Yehla Enhle uza phansi lombhede akuphefumuleki.”

Ntwenhle:”Ohhh phephisa.”

Ehlike embhedeni abeke umqamelo phansi ahlale phezu kwawo nezincwadi.

Scelo:”Akusangeni lutho kulekhanda lakho manje.”

Ntwenhle:”Wena ungakhona ukufunda kunje.”

Akokode kanye angene uMlungisi isandla esisodwa sisesikhwameni azithukise uNtwenhle asukume bahagane.

Ntwenhle:”Unjani bhuti?”

Mlu:”Ngiyaphila thumbu uyafunda noma umatasa ngefone?”

Ntwenhle:”Angilwazi nokuthi lukuphi ucingo lwami ngiyafunda.”

Aye endlini encane eme emnyango angangeni,uMduduzi alandele kepha eme emnyango uMlungisi aqonde ekasini lezimpahla avule aphinde abuye ngakusisi wakhe.

Mdu:”Asambe ngijahe ukubona lendlu mina lento iyangilimaza ukuthi kube nezinto engizikhohlwayo.”

Mlu:”Mlhawumbe masifika khona kukhona ozokukhumbula.”

Ahlale phezu kombhede

Mlu:”NgoMgqibelo uyeza ubaba ungahambi.”

Ntwenhle:”Hawu kunani kanti kulendawo neza kangaka, nina nihamba nini?”

Mlu:”Ngaye uMgqibelo, asambe ndoda"

Asukume uMlungisi makafika emnyango akhale uMpilwenhle, babhekane noMduduzi.

Mdu:”Lomngane wakho akakamulandi namanje umntwana?”

Ntwenhle:”Umulandile yimina engithe akamuyeke ngoba abelele.”

Abuyele angene uMlungisi ayobheka embhedeni wayo omncane abengawunakile nje. Makamubheka avele amoyizele.

Mlu:”Heywena ukakile.”

Bahleke

Ntwenhle:”Hayibo bhuti ingane ayidlaliswa kanjalo.”

Mlu:"Angibacabangi  abantwana kodwa lo nami ngingasala naye  kuhle maaan."

Ntwenhle:"Kungani ungabacabangi bantwana bhuti?"

Mlu:"Bakhala njalo."

Mdu:"Manje iskoni masifuna ingane uzokwenzanjani?"

Mlu:"Phela mangithi angicabangi akusho ukuthi angibathandi nhlobo, sekuhlwile asambe ndoda. Wena ufunde angazi ngizokubona nini buya uzovala umnyango."

Baphume ayokhiya abuyele ngokushesha amulunguze aguqe ngamadolo.

Ntwenhle:"Phuma."

Scelo:"Unesiqiniseko uhambile?"

Ntwenhle:"Uhambile phuma"

Aphume uScelo asale sekahlala khona la celeni kwakhe sekajuluke into angayazi, makaphakamisa amehlo abone uNtwenhle abambe ukuhleka.

Scelo:"Kumnandi kuwe ngiyinhlekisa."

Ntwenhle:"Kuyahlekisa kodwa ungazibisi ngenhlekisa uyezwa phephisa."

Scelo:"Ngiyazi, kusho ukuthi lonke lesonto ngiyolokhu ngicasha."

Akasamuzwa uNtwenhle ubheke uScelo ngoba akhuluma uhlezi celeni kwakhe, amubone uScelo asukume aphume. Akafuni lutho elizokwenza uThandazo wakhe angajabuli ngokubona konke lokhu. Akafuni ukukhohlwa nguye futhi ahambe ayogeza izitsha bebadla ngazo  benoMdu

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMAMKHULU🌼

Umamkhulu bahlezi esigodlweni sakhe noMkhululi, makafika emini umuthathe baya emfuleni wathi ayogeza. Wamulinda waqeda wamunika izimpahla ezimhlophe babuya. Manje bahlezi.

Mkhululi:"Ngiyabonga Nelsiwe."

Nelsiwe:"Kuze sisuse bonke ubumnyama kumele sitshele abantwana iqiniso."

Mkhululi:"Zizongizonda lezingane ikakhulukazi uSambulo."

Nelsiwe:"Uyazi uSambulo abangazi uBonga noNokubonga"

Mkhululi:"Kwamele simufake noBonga?"

Nelsiwe:"Kumele azi iqiniso naye."

Mkhululi:"Kwathanda ukubanzima."

Nelsiwe:"Indodakazi yethu iganele ebukhosini angifuni izinto zakhe zivimbeke ngenxa yalemfihlo. Okunye kwanami nawe kuthi kube kahle kumele sifulathele konke okuyimfihlo siqale kabusha."

Mkhululi:"Akunankinga ngizokwenza konke okushoyo."

Nelsiwe:"Emva kokuveza iqiniso masebakahle kuzomele sihambe izinyanga eziyisikhombisa uyolungiswa, bengizothi hamba uwedwa kepha ngifuna kuzilungisela."

Mkhululi:"Ngiyakuthanda mama wezingane zami futhi nginamahloni."

Nelsiwe:"Nami ngiyakuthanda myeni wami azange ngiyeke futhi. Ngangibuzwa ubuhlungu kepha kundlulile manje."

Kushaye  umbani kube,munyama bhuqe, baze bammangale bobabili.

Nelsiwe:"Imamba yobumyama inikwa amandla makwenza nje"

Asukume athathe isitsha sakhe umamkhulu asibeke phansi afake  isandla bese uyasikhipha isitsha sivele sikhale umsindo kaZodwa. Bamubone bobabili uMadlolovu emunamathisele obondeni.

Athuke uButhelezi amubheke umamkhulu abone ukuthi ukuthuka kokumangala hhayi kokuzwa ubuhlungu. Asisuse isitsha phakathi kwabo amubheke emehlweni.

Nelsiwe:"Asambe ngizokukhomba la ozolala khona"

Baphakame ayomuvulela kwelinye lamagumbi naye ahambe ayolala umamkhulu.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU37🌼

THEMBA🌼

Ngihlezi emotweni ngaphandle ngiqeda kufika egcekeni ngifuna kufika ngikhulume noSwazi ngiyathemba uzozwisisa. Angikwazi ukuphila kanje impilo yami yonke uSwazi ulwa nawo wonke umuntu. Ngisho nasemsebenzini lamantombazane awasasebenzi kamnandi makukhona into okumele bangitshele yona kumele bathalaze kuqala.

Uyazithola futhi izindaba angazi kanjani, ngikhumbula mhlazane ashaya omunye usesi angifica ngikhuluma naye othengisa lezinto zamantombazane zasebusweni uyazithandanaye. Ngangikuthandele yena ngisamuchazela ukuthi isikhumba sakhe sinjani yena njengomthengisi kumele angikhethise okuzohambelana naye uSwazi haaaa wangena wayivivisa.

Uyabo la ngakwata kakhulu khona sasisemshadweni sinoSambulo sihlezi etafuleni nga10 basibeka kulelotafula kwakunamantombazane amane enye ihlezi celeni kwami ngangingayinakanga futhi. Wabona esithombeni seziphumile wayifuna wayithola intombazane azange ayishaye kangaka ingane yabantu. Kunamhlanje ngisayikhokhela ngoba ithi yathuka (traumatized).

Ngifuna ukuya kuSphelelo ngazi ukuthi angimugangeli uSwazi aphume ngisahlezi imoto mayingena iyabonakalisa vele. Nabomakhelwane la akekho ongibingelelayo baze bamubiza Goliath. Noma imvula ingana kangakanani intombazane ekhulele phambi kwami engingeke ngayibuka ngelinye iso uzoyilwisa ngeke ngiyisize. Uthukuthele namanje ngimubona ngendlela ahamba ngayo sengamane ngibengedwa noma angangithandi uSphelelo kunokuhlala njengohlanya. Ashaye imoto kakhulu efasteleni ngivule.

Mina:"Uzophula imoto yabantu angithi uyabona akusiyo eyami."

Swazi:"Let me guess eyaSambulo yingakho ungasuki kuSambulo ngoba ulandelana nomdidi wasesi wakhe."

Uyamemeza ngithule ngivale imoto ngiyongena endlini angilandele ashaye nomnyango. Angazi zingakhi izinto aziphulile.

Swazi:"Sovalela amantombazane kini Themba phambi kwamawakho, uyinyoka ungangibulala ngiphila njengaye umawakho.

Mina:"Ungamemeza ngendlela ofuna ngayo Swazi ungalinge ukhulume ngomama kanjalo."

Swazi:"UNokubonga ufunani kini?"

Mina:"Ngisekhaya yini mina?"

Swazi:"Ubukhona kulobusuku obubili."

Mina:"Awungibuzi ngani kahle ukuthi ngibuyaphi?"

Swazi:"Ubumatasa ubusuku bonke mina ngikhamisile la, angisiso isilima sakho Themba uyangizwa."

Mina:"Awungitshele Swazi ngoba uhlala ushaya izingane zabantu uke wangibona nentombi waba nesiqiniseko futhi kuthi nakhu ngiyajola . Ngisho ucingo lwami uliphatha ngendlela ofuna ngayo."

Swazi:"Vele lulethe ngeke mina ngingaphela amadoda."

Themba:"Inkinga yakho ileyo uyangihlukumeza awungithembi ungenzela nezitha yonke lendawo ngoba ngenxa yomfana owadlala ngawe. Ngangingekho mina lapho ngakuthembisa futhi ukuthi ngizokunakekela ngikuphathe kahle."

Achofoze locingo aluguduze ngimshiye nalo angazi ngoba kube ngifuna ukuganga bengizoba nolunye ucingo. Ngihambe ngiyogeza ngigqoke izinto zokulala angiwasebenzisike mina amabhijama mangibuyela emuva uhlezi sekancibilikile.

Mina:"Ngingaluthatha ucingo lwami?"

Swazi:”Lezithombe benikuphi kanti ngoba ngathi isemakhaya ngibona nezinkomo.”

Sekehlise umoya mina sekumele ngizwisise ngizivule izithombe.

Mina:”Uyamubona lo, uqeda kulobola uNokubonga ubhuti omkhulu wesoka likaLungile wasekhaya. Besiye kubo babuya ebukhosini yilapho aganele khona uNokubonga ngoba wena uthi benginyobana naye.”

Ngihlale kusofa naye ugqoke into yokulala isibumbu sizihlezele imfishane vele ngiphathwe nayimizwa ngokushesha phela uyangiphakela uSwazi ngiyabona nalezinto azenzayo uyazi ukuthi uyanganelisa, kodwa namuhla ngizozibamba. Asondele azohlala celeni kwami.

Swazi:”Angifuni ngawe nawe uyazi.”

Mina:”Yima Swazi lento yami nawe angiyiboni iyaphi mina"

Swazi:”Usho ukuthini?”

Mina:”Sihlala silwa akunakuthula la endlini ngikhathele ukuphila lempilo awungithembi futhi. Ngikhathele ukuhlala ngipruvelana nawe izinto, uyabona namanje into ekwehlise umoya ukuthi ubone lezithombe futhi ngiyazi uzibhekile nedate kuthi zanini. Songithukile waqeda.”

Swazi:”Uyazi nginesikhwele Themba.”

Mina:”Isikhwele sakho siyingozi ngelinye ilanga uzoshaya abantu abawrong noma uzongilimaza uke wangibona nginjani emzimbeni izibazi engizenziwa nguwe"

Swazi:”Ngiyaxolisa sthandwa sami.”

Mina:”Seside lesikhathi kube uzimisele ngokushintsha kube kudala washintsha. Kunini ngikuhambisa for councilling wena wenzani?”

Athule

Mina:”Phendula wenzani mangikuhambisa.”

Swazi:”Ngiyayeka"

Mina:”Ngizokucela into elula angifune msindo ngoba ngizokulandela amaphoyisa ngempela. Angisakudingi empilweni yami asihlukane"

Swazi:”Themba awukwazi ngibuke yimina uSwazi wakho"

Mina:”Not anymore futhi kudala sahlukana ukube uyazijwayeza ukunaka izidingo zami nemizwa yami ubuzobona.”

Swazi:”Hawu Themba mawuthi kudala sahlukana usho ukuthi ubulala nami ngokupretender"

Mina:”Sigcine nini ukulala ngoba uhlala unento ekuthukuthelisile"

Athule

Mina:”Sinezinyanga ezimbili singayi ocansini"

Swazi:”Ngingakunika ngendlela ofuna ngayo nawe uyazi sthandwa ungangilahli please bona"

Makasho njalo ugwayi unyakaze uSwazi ukube uyazi amandla anawo kimi abengeke ahlanye kanje. Uyangibona angihleki futhi ngiyaqala kukhuluma lento kuye.

Mina:”Ungalala kusasa ngizokupheleza"

Swazi:”Ngizohamba manje.”

Mina:"Ngeke ngikuhambise manje bazothini kini.”

Swazi:”Bazokubona ukuthi uyinja ufana noSyabonga.”

Mina:” Emva kwayo yonke into engikwenzele yona kanye nengane kaSyabonga uzongifanisa naye namuhla"

Swazi:”Tsek uyinja vele mawungangiphelezeli bangidlwengule ngizothi nguwena.”

Ngizithole sengihleka cha uSwazi uyagula ngempela agadlaze izinto aphume emva kwehora. Akhiphe isikhiyo esisetshenziswa nguye angishaye ngaso nginganakanga angishaye phansi kweso kubabe.

Mina:”Uyazi akumelanga kube kanje asikho isidingo sayoyonke lento.”

Swazi:"Ngizithathe zonke izinto zami nabomzala bami ngibatshelile bazongilanda."

Ngizihlalele phansike bakokode vele kukhona nomsindo abavulele aqale akhale bamuthulise bangasondeli kimi bagcine ngokukhuluma bodwa.

"Umuntu sowumuwashele kangaka wamuphekela."

"Thatha legedlela walithenga uhamba nami ngiyakhumbula."

Bathule adilize amakhethenisi bayamusiza nalabafana, ukube ngiyafuna kuhlanya bengizokhipha isibhamu bagcwale legceke ngibayeke ngoba angifuni into ezomubuyisa la athi uzoyilanda. Indlu isale inqunu bathathe nezitsha emakhabetheni. Hayibo boma ayina baqubule nosofa eze yena azocisha umabonakude engiwubukele bayithathe kusale losofa engihlezi kuwo. Abuye futhi asithele ekamereni aphinde nepulastiki aphume awushaye umnyango bahleke gwagwagwa.

Ngisukume ngiyobabuka ngaphandle idume iveni yabo ihambe ngiyibuke ize iyosithela. Lahamba kanjalo ikuku elimnandi. Manje sengiyabona lokuhlanya kubuya emndenini bengeke ngilunge. Ngikushiye kuncono ngiyolala mangifika ekameleni nombhede uthathe konke kokumbesa umbhede uze uwubhobozile ngathi bekawusika ekasini lezimpahla akukho lutho ezami izimpahla ziyiswaphike. Ngiye ekameleni elincane nakhona unqunu umbhede kuyafana. Ngishayele uSambulo kuthi azongilanda uGabsile akekho angihleke naye.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

SPHELELO🌼

Ngivuke ekuseni ngashanela ibala mangibuyela endlini nangu ubaba, lomuntu ingabe usuke ajahelephi njalo uvuka ekuseni.

Mina:"Sawubona baba."

Baba:"Mmmm"

Ngimuyeke ngingene endlini

Baba:”Ngilethele itiye"

Ngilenze mangimuhambisela

Baba:”Uphi uBabalwa?”

Mina:”Ngiyacabanga usegumbini  lakhe baba"

Baba:”Lomshangane okulethe la uzolo wakuphi?”

Mina:”Angimazi baba bengiqala kubabona.”

Baba:”Kubabona ubuhamba namadoda amaningi uwedwa?”

Mina:”Eya baba bangilamulele kubafana bacishe bangibamba"

Baba:”Wena ubufunani emgwaqeni ebsuku?”

Mina:”Kusuke kwaphela izinqola baba ngase ngiya emgwaqeni.”

Angibheke kabi ubaba lento yakhe iyangihlula yimi ngedwa engimuhloniphile kodwa uqinele mina nje. UBabalwa usesi wami omdala unezingane ezimbili eyokuqala ihlala kubo babayo bese le encane inakekelwa umama nami yena uhlala azizulela nje. Bese kuba uSmanga uhlala agcwele izinkalo naye wafunda wagcina kumatikuletsheni. Kube uThamsanqa naye usemhlabeni wakhe nje mina ngenza konke akufunayo.

Baba:”Hamba uyogeza ngikumukisa kwamaNdaba angifune manyala emzini wami.”

Kuvele umama

Mama:”Hawu baba kahle yekela ingane kukhona into ayenzile yini nalamadoda ngoba somuyisa kamaNdaba. Ucabangela ingane yami baba.”

Baba:”Ngeke ngimoshe izimali zami ezingaka ngikufundise bese uyabheda hamba shesha kuzaze kugcwale.”

Ngibheke umama avume ngekhanda ngelinye ilanga uyala umama makakhathele ukukhuluma uyamuyeka ubaba. Ngihambe ngiyogeza angisathandi nalokuyohhodolozwa ilomama mina sengiyakhala futhi mangiqeda siphume naye ubaba. Kuyibangana elingatheni angibambe ngesandla sihambe ngenhlanhla akunamuntu singene.

MaNdaba:"Haaaaaa Mkhaliphi namukelekile."

Baba:"Ngicela uhlole lengane izolo ibuye ebsuku kabi ngizolinda la ngaphandle."

MaNdaba:"Hawu babakhe kahle maaan."

Baba:"Ngiyakhokha angithi muhlole."

Aphume ubaba angibheke umaNdaba

MaNdaba:"Ngikuhlole na sesi? Uma ungafuni ubaba ngingamutshela lento afuna ukuyizwa"

Mina:"Angifuni kuncolisa isigodlo sakho ma ngamanga ngihlole."

MaNdaba:"Uyazi kodwa ukuthi ubaba wenza lokhu ngoba uyakuthanda akafuni uphume endleleni kudala aphoxeka."

Mina:"Ngiyazi ma."

Ngilale angivule izinyawo abheke akufunayo bese uyakikizake ngigqoke lento seyiyangicasula manje. Angene akhokhe ubaba sihambe angibambe isandla futhi.

Baba:"Mntanami ngiyazi awuyithandi yonke lento eyenzekayo kodwa angizenzi izingane zami azikwazi ukubheda zonke. Masoqedile ukufunda ubaba uzokuyeka uzigade wena uyezwa."

Mina:"Baba ngineminyaka ewu21 ngeke ngibhede manje ngicela ungithembe nje."

Baba:"Ubaba ufuna izinkomo zakhe ziphelele thenga lesithwathwa sakho osithandayo ubaba uyaxolisa."

Mina:"Mangingabuya ebsuku futhi uzophinda kuyafana ungaxolisi."

Akhiphe imali ngingene estolo nabafana nje bayathanda kungihleka ngihlala ngihamba nobaba angibambe ngesandla futhi. Mangiphuma ngimunike ushintshi sihambe angikadli nokudla sindlule kamamMakhulukhulu kodwa singangeni.

Baba:"Awubheke uSmanga ngathi eze azosikela umamMakhulukhulu utshani azange, labantwana bayangicasula."

Sihambe kancane kuqhamuke imoto engajwayelekanga angiyazi yinhle ngisaba nokuyibukisisa ngoba ubaba angaze ayivimbe. Ihamba kancane isindlule ayibonakali kahle phakathi mayindlula ngasekhaya ihambe kancane kakhulu ize indlule. Angiqinise isandla ubaba iqhubeke njalo imoto ize isithele. Singene egcekeni siye endlini. Ngithathe amaskopasi kamama ngoba awacelile ngiye kubaba ngake emva kwendlu.

Mina:"Baba ngisaya kamamMakhulukhulu."

Baba:"Mana ngiphume nawe ubaba usaya edolobheni ngiyofuna ukudla kwezinkukhu."

Aqhamuke uBabalwa ahleka uphuma endlini encane ageze izandla.

Babalwa:"Baba ngicela kuhamba nawe ngiya edolobheni"

Baba:"Zikuphi lezigora zakho namuhla"

Babalwa:"Come on old man ubufuna ukuphelezela uSphelelo la emnyango"

Baba:"Mawufuna ukuhamba nami hamba uyokhumula lenight gown owuyigqokile."

Sihleke uBabalwa uzigqokele ilokwe lasehlobo elifushane.

Babalwa:"Ngigqokeni ngoba konke uthi amanight gown?"

Baba:"Unawo amatherelina angithi."

Sihleke futhi

Mina:"Yini leyo manje baba?"

Baba:"Awusayi kaMakhulukhulu hambake, wena hamba uyokhumula."

Ahambe ayoshintsha nami ngiphume ngesango iqhamuke futhi lemoto ngaphambili manje ime ngakimi avule ifastela. Yooo ilobhuti othi uSphelelo ongisize ngezimpahla izolo

"Nkosikazi."

Ngimuhlahlele amehlo

"Sorry ngifuna ukuthi nzwakazi unjani?"

Mina:"Ngiyaphila."

"Kukhona okwami okusele la izolo bengizobheka,kona."

Mangibheka ekhaya ngikhumbule ukuthi ubaba uzophuma.

Mina:"Ngicela kumukisa lokhu la ngizobuya ngicela usuke kulomgwaqo ngoba ubaba uzophuma manje makangakubona uzo."

"Kulungile akudingi nokuthi uchaze, ngicela ungangikhohlisi ubuye."

Ayisuse vele nami ngingene kamama andlule ubaba mangingena phakathi ngimufice amile ekhabetheni angimazi wenzani.

Mina:"Ma unjani."

Ma:"Mntanami ngiyaphila ukahle?"

Mina:"Ngikahle ma."

Ma:"Umawakho undlule la wangilethela ukudla ungitshelile kuthi ubabakho ukugqubile futhi."

Mina:"Ahhhh ma ngizothini."

Ma:"Phephisa sesi"

Mina:"Mama ngisafuna kuyofunda ngizokubona emini noma ntambama."

Ngime ngasefasteleni ngiyayibona futhi lemoto ngithuke ihamba kancane.

Ma:"Namuhla awufundeli la?"

Mina:"Cha ithi ngihambe ngingaze ngibuye ebsuku."

Ngiphume ngehlise ilokwe lami kahle angazi ngiyelani kodwa bangisizile nabangani bakhe kakhulu futhi. Makangibona ngiza ayimise ehlike olyt izolo azange ngimubone kahle ehhhh anginawo amade amagama kodwa ushiyeni la. Ngingene aye endaweni yakhe  ayisuse ngithuke inhliziyo yami ngathi sekuyinkundla yamahhashi nezimpongo nezinyamazane. Wuuuuu angazi ngicabangani

Mina:"Ngicela ungahambi nami."

"Ngeke siye kude khulululeka."

Ngidonse umoya ngizama ukumbheka ngo s kodwa angikhoni uzothi ngiyamubheka, amise imoto ngasenkundleni yebhola. Adonse umoya futhi angibheke aphume azongivulela umnyango siyamele emotweni yakhe.

"Igama lami uSphelelo Baloyi izolo masikushiya la ngizwe ngathi kukhona okwami okusalayo, kanti nguwena."

Lomuntu unguSphelelo vele ngithule ngoba sekuyangicacela ukuthi uzokwenzani.

Sphelelo:"Ungizwile kodwa?"

Mina:"Ngikuzwile."

Sphelelo:"Ngilethwe yilokho eqinisweni ungihehile."

Mina:"Hayibo awungazi nokungazi ubuqala kungibona,kusasa usuheheke nini?"

Sphelelo:"Mawuthanda umuntu awudingi nokuthi uyocabanga kuvele kuzenzakalele. Ngiyakuthanda Sphelelo ngikhulile futhi angisakwasi ukushela intombi. Angikwazi nokukushelo inkondlo noma ngikugiyele ngiyakuthanda qha. Angizanga kuzokumoshela impilo ngizofuna ubambo lwami."

Ngibeke izandla ebusweni ngifikelwa nawukukitazeka azisuse ngizibuyisele futhi. Yooo ngihleke into engingayazi umamami makangangibona manje angangishaya. Akafuni kabi makakhuluma nawe uhleke into engekho. Nakhuke sengihleka into engingayazi mangithi ngiyamubheka ungibhekile ngibeke  ingalo yami ebusweni uyabona mawukhala uzifihle ngengalo uyigobe icishe ikuvale ubuso bonke. Ngenze njalo manje angazi ngenzani.

Mina:"Ayyy Sphelelo ngicela ungihambise mina ngiyasaba ukujola."

Ahleke bese udla umlomo ngaphakathi ngimubuke

Sphelelo:"Angazi nami,kujolwa kanjani ngizocela uthando la kuwe, bese nginika ubaba izinkomo zakhe"

Lezandla sekumele ngizishiye ekhaya manje mangiza kuye ngoba sezisebusweni futhi ngihleka nento engingayazi. Mangithi ngizishiye ekhaya mangiza kuye kusho bani ukuthi uzobuya futhi. Ngimubuke phakathi kweminwe ungibhekile ngiyivale ngokushesha. Ahleke futhi kodwa manje uyagegetheka.

Sphelelo:"Awungitshele uneminyaka emingakhi?"

Mina:"21."

Sphelelo:"Yooooo unalo isoka?"

Mina:"Cha."

Sphelelo:"Kusho ukuthi sengiyisoka lakho angithi."

Mina:”Ngeke ukhone ukungibona ubaba angakubulala nya.”

Sphelelo:”Ngizokulinda.”

Lento ayisho angahleki ibinesisindo.

Sphelelo:”Ngicela inombolo yakho yocingo.”

Nakoke okukhulu ngivele ngizicule ngesoprano ngamunika umuntu wesilisa kalula kanjalo nje. Ngaze ngakhumbula enye ingoma yombhaqango ubaba unokuyikhalisa ethi intombi zamanje yakunika inombolo yocingo seyikuqomile. Ingabe nami ngiqomile cha.

Sphelelo:”Ithi ngikuphelezele angifuni nje kukumoshela ekhaya.”

Mina:”Kuyafana ngifuna kuyogundela umamaMakhulukhulu utshani"

Sphelelo:”Kungani agundelwa nguwe?”

Mina:”Akaboni emehlweni uhlala yedwa.”

Sphelelo:”Akaboni angithi ngizokusiza angaboni.”

Mina:”Uzokwazi ukuthi ukhona uhlakaniphe kabi umama.”

Singene emotweni futhi sihambe ngimumise singene egcekeni.

Mina:”Ngisayolanda umshini ekhaya"

Avume angibheke ngihambe ngibuye futhi siwuplake ngimukhombise ukuthi kanjani izandla zalobhuti zithambile angikholwa uyakwazi nokusebenza. Siqale ngaphambili ngoba ubaba akakafiki angifuni andlule la amubone. Bese siya emva kwendlu.

Mina:”Ngikwenzele kokuphuza?”

Sphelelo:”Amanzi akahle"

Mangiya endlini umama sekakwenzile izingilazi ezimbili.

Mina:"Leli elinye elabani?"

Ma:"Lakho nomngani wakho mutshele angene."

Ngimubize asondele akasabi lutho lobhuti, amubheke masingena.

Ma:"Ngena ndodana uphuze ngiyabonga"

Mina:"Wazi ngani ma,kuthi umuntu wesilisa?"

Ma:"Izigi ziyezwakala."

Sphelelo:"Sawubona ma."

Ma:"Unjani ndodana?"

Sphelelo:"Ngiyaphila."

Ma:"Ungubani igama lakho?"

Angibheke amoyizele

"UThemb'nkosi Baloyi."

Hawu mina besengikholiwe ukuthi uSphelelo angicishele iso mangimangala. Sagunda saqeda ngabona nelanga seliyishona wavalelisa kahle kuma. Ngamuphelezela sema emnyango ngangaphuma.

Themba:"Ngizokubona kusasa."

Mina:"Nginike ithuba lokucabanga ungezi kusasa."

Themba:"Uzoze ungikhohlwe ngiyeza."

Mina:"Mhlawumbe ngeke ngikhone nokuphuma."

Themba;”Anginandaba ngizokubukela ekudeni mangikubonile nje.”

Mina:”Unawo amanombolo.”

Themba:”Ohhh konje usale kahle nzwakazi ngiyakuthanda uyezwa.”

Ngimufulathele ngizifihle ngobonda ahambe akhiphe imoto yakhe shuuuuu Sphelelo

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 38🌼

KWAMAM'KHULU🌼

UButhelezi ulale waze wavuswa umamkhulu ngenkomishi yetiye ekuseni  nakhona umamkhulu uqale wahlala emubhekile alele emva kwesikhashana  wamvusa.

Buthelezi:"Ngilale kakhulu sowuze ungivusa"

Mam'khulu:"Ngiyabona ubungasalali"

Babhekane aze abheke eceleni umamkhulu.

Buthelezi:"Neli ngiyafisa kukuhaga namanje angikakholwa kuthi ngibuyile .."

MamKhulu:"Usubuye unomphelo usazongihaga impilo yakho yonke uze ungidelele futhi"

Buthelezi:"Ngiyazi mntakwethu kodwa manje ngifisa kakhulu kuthi ngindlulise lelukuluku elisemzimbeni wami. Ngiyacela makwabo ngiyazi usafuna kungikhipha yonke lento ngeke siye ocansini  ukukuhaga nje."

Mamkhulu:"Weeeeee konje  unjalo unolwimi ngingakukhohlwa kanjani phunga itiye lakho lizaze libande."

Bamoyizelelane lento ayifisayo uButhelezi naye umamkhulu uyayifisa kodwa akafuni kusukela imizwa yize kukhona okwenzekayo kuye makaduze naye akunankinga ngoba lokho akuvimbeli. Uyasazi isandla somyeni wakhe sithatha ukucabanga sikulahlele le, naye kodwa ufuna ukundlula kahle kubuhlungu amufaka kubo ngoZodwa. Asukume umamkhulu makafika emnyango aphenduke abone ukudangala kumyeni wakhe.

Mamkhulu:"Shenge nami ngiyayifisa lento oyifisayo kakhulu futhi kodwa ngiyazi mawungisondela ngizocasuka ngoba usenoZodwa nephunga lakhe. Ngihlalile yonke leminyaka bengilinde wena yebo noma bengingasho benginalo ithemba lokuthi uzobuya bekunzima Shenge. Ukulala ngikulangazelele ngibe ngazi ukuthi weneme nosesi wami la ukhona."

Buthelezi:"Kungani ubungangilandi wena uyalwazi uthando lwami ngawe ngaphazamiseka nje ngenxa yokunganeliseki?"

Mamkhulu:"Bengifuna uzibuyele ungezu kungihlupha, uZodwa abekudlisile bekuzobanzima kimi"

Athuke uButhelezi aze azishise ngetiye asukume.

Buthelezi:"Nelsiwe konke lokhu uyalazi iqiniso uthulile nje uyangibuka ube unawo amandla okungisiza ukhiphe konke engifakwe kona. Ngithathe izingane zami ngazikhulisa ngendlela embi ngenxa yalokho wena ubuwazi. Nelisiwe indodana yami ingizonda ukufa kanti konke kuqale ngokuthi ngidliswe wena uthulile NGOBANI. BHEKA IMINYAKA ENGILAHLEKELE UYAZI NGIZIZONDA NJANI KUYIMANJE BESENGIHALELA INGANE ENCANE, ENCANE EZINGANENI ZAMI ZONKE NAMUHLA UNGITSHELA UKUTHI BENGIDLISIWE."

Mamkhulu:"Ungangithethisi baba ukube azange uhalele uZodwa uze ulale naye abengeke abenamandla okukudlisa nguwena owamunika lelo gunya. Walala naye usezinqondweni zakho. Nami ngingumuntu ngiyathukuthela. Ngathukuthela ngakuyeka ngafuna kukukhohlwa uyazi kwakubuhlungu kanjani mhla ngilethelwa amaphepha esehlukaniso. Mkhululi wangona ungangithethisi ngiyafuna kukuzonda ngiyafuna kukuhleka manje kodwa akukhoneki. Ngilimele Mkhululi ngilimele ngilimele awuyazi into engayenza futhi."

UButhelezi asibone isilonda esibhibhayo asenza enhliziweni yesithandwa sakhe, uyabona kwayena udinga ukulashwa ngaphandle uqinile usiza abantu kepha ulimele. Uyabona ukuthi udinga kukhala asuse lengubo ayembethe azigubezele ngayo kuthi uqinile yena azokwazi ukuxola. Asondele kuye ngenkani noma sekamuvimba ngesandla kuthi angamuthinti asondele ngenkani. Abambe sona lesandla esimuvimbayo kuthi angasondeli. Esinye asimukise okhalweni lakhe aphelelwe ammandla athi unawo umamkhulu. Kusale ukuthi ungowesifazane yena alahle

umzimba ezandleni zomyeni wakhe naye uButhelezi amubambe ngazo zombili kahle. Umamkhulu amubambe entanyeni bahagane lapho akhale umamkhulu. Akhulume ngapha uyakhala ngobuhlungu bakhe.

Usizi amdlulise kulo umzwangedwa waphinde wamuthathela nezingane zakhe. Okunye uyakuzwa uButhelezi okunye akakuzwa ngoba uyakhala. Amubambe amuqinise aze athule  nya ezwe umphefumulo wakhe nje entanyeni yabona manje khani azizwa ubudoda uButhelezi ubambe inkosikazi yakhe ngezandla zakhe. Yebo imizwa ikhona ngathi angamudabulela lezingubo zakhe ezimhlophe  kepha ngeke akwenze lokho uzokwenza okufanele kahle futhi. Isthandwa sakhe lesi kusukela ebunganeni nobuhle  bakhe obumangazayo. Amubambe belokhu beme lapho emunyango akuvumi amuyeke ngoba konke kuyavuma imizwa yona iyangenelela.

Buthelezi:”MaZwane.”

Mamkhulu:”Mmmmmm.”

Buthelezi:”Ngibuyile manje.”

Mamkhulu:”Mmm.”

Buthelezi:”Namuhla sizobiza abantwana sibatshele konke"

Mamkhulu:”Mmmmm.”

Buthelezi:”Ulungise izinto zakho ungimukise la kumele ngiyohlanzwa khona.”

Mamkhulu:”Mmmmmm.”

Buthelezi:”Ngikhumbule inkosikazi yami manje ngiyayifuna kodwa ngikhulile ngicabanga ngengqondo.”

Mamkhulu:”Uzohamba isikhathi eside Buthelezi ngifikelwa ukusaba"

Buthelezi:”Ubuzihlelele wedwa sonke lesikhathi nje manje sikhuluma ngezinyangana kuyakuthusa"

Amoyizele umamkhulu

Mamkhulu:”Manje ukhona kwamele ngisabe nami lokhuya ubungekho bekumele ngiqine.”

Buthelezi:”Waze wamnandi amazwi akho unginika indawo yami kuthi ngikuvikele, kodwa ngicela ungazithambisi okholweni lwakho ngoba sengikhona.”

Mamkhulu:"Kulungile ngeke."

Buthelezi:"Akukho ongakwenza kuthi kusheshe ngizokwazi kubuya ekhaya ngokuphazima kweso?"

Mamkhulu:"Kukhona umuntu engimaziyo bekangakwenza ngokushesha kodwa.."

Buthelezi:"Kodwa ini?"

Mamkhulu:"Kuchelile la ahlala khona"

Buthelelzi:"Mfazi awufuni kanti indoda yakho ibekahle?"

Mamkhulu:"Ngiyafuna."

Buthelezi:"Akathintwe lomuntu mina ngizoya noma ngabe ikuphi."

Mamkhulu:"Kulungile ngiyeke ngomuthinta."

Amuyeke kepha iso lisamuthalaza

Mamkhulu:"Kuncono uhambe ngempela ngoba soyangikhumulisa manje."

Buthelezi:"Uyinkosikazi yami wena, ushayele nalabantwana"

Mamkhulu:"Kulungile baba"

Azilungise kahle umamkhulu aphume aye endlini ashayele lomuntu ongakhona kuhlanza umyeni wakhe ngokushesha hhayi lendlela yakhe ayaziyo ngoba kuzomuthatha isikhathi eside. Alubambe

Mamkhulu:"Unjani nceku yeNkosi?"

Nceku:"Ngiyaphila mama ngingakusiza?"

Mamkhulu:"Uxolo inombolo yakho ngiyithole kumabonakude igama lami uNelsiwe Zwane I mean Buthelezi. Sinomyeni wami besesihlukene ngenxa yokushendeza kwakhe manje ubuyile ekhaya"

Imngene emlonyeni inceku

Nceku:”Umama ufuna ubaba ancweliswe abe sesimeni sokuthi ukhone kumsondela?”

Mamkhulu:"Ewwwu kunjalo"

Nceku:”Mama usebenza ngabantu kwawena.”

Mamkhulu:”Kunjalo.”

Nceku:”Kulungile ngiyabona la ohlala khona kuchelile ubaba komele eze ngapha"

Mamkhulu:”Kuzothatha isikhathi esingakanan?”

Nceku:”Mangabe uyafuna yena ukuncwaliswa futhi uzokhona ukuzila  kuzobalula kuxhumana nomoya wakhe izinsuku eziyisikhombisa.”

Mamkhulu:”Kulungile nceku yena uyafuna ukuza.”

Nceku:”Mama ngizwa uthando olujulile olunzulu ngaye ubaba kuwe umtshele ukuthi mina ngifuna ukusebenza umuntu oneqiniso”

Mamkhulu:”Ngiyabonga nceku.”

Nceku:"Ngizondlula lapho ngimthathe ngoba kukhona la esibuya khona nomndeni wami, kepha ngizondlula kusasa ntambama."

Mamkhulu:"Kulungile Mamkhulu:"Kulungile ngiyabonga."

Bavalelisane ajabule umamkhulu njengengane eqeda kuthola uswidi kungene umlayezo makabhekisisa ilenombolo yenceku.

Nceku:*Khipha nemfihlo khona ukuhlanzwa komyeni wakho kuzoshesha kube nempumelelo futhi.*

Ahle ashayele uSambulo amtshele ukuthi eze nosesi wakhe namuhla.

Sambulo:”Sofuna kumtshela m?”

Mamkhulu:”Yebo ndodana"

Sambulo:”Singeza noMlungisi mama ngoba angazi uzobanjani emva kokuzwa lokhu?”

Mamkhulu:”Akunankinga ndodana, wena uphi owakho?”

Sambulo:”Ubabakhe umsalisile uthe ngizomthola masengimulobolile ngoba sengihambe ngamushada"

Ahleke umamkhulu

Mamkhulu:”Ukulayile manje ulindeni ngoba imali ikhona?”

Sambulo:”Ubani ozongilobolela mama ubaba ayilento ayiyo nxx.”

Mamkhulu:”Ufuna kulobola nini mfanami?”

Sambulo:”Kumele ngilinde kusasa umndeni wakhe wonke uzobe ungapha uMduduzi uyalobola mhlawumbe ngoMgqibelo olandelayo.”

Mamkhulu:”Ndlulisa amaviki amabili ndodana .”

Sambulo:”Ngiyakuthemba ma, ithi ngilande uNokubonga no indlovukazi.”

Bavalelisane makaphuma abone uBonga emile phansi kwesihlahla ujulile aye kuye.

Mamkhulu:”Ndodana wajula kangaka"

Bonga:”Angikho kahle ma angizazi impilo engiyiphilayo iyaphi, yazi mangibuka bonke labantu abeza la abagulayo ngiyabona ukuthi uNkulunkulu usangipha ithuba lokwenza kahle"

Avele amuhage umamkhulu

Mamkhulu:”Uyabona ngoba usuqala ukucabanga ngaleyo ndlela mfanami iyacaca indlela usubunqobile ubumnyama.”

Bonga:“Kanjani ma?”

Kukhale ucingo lwakhe  umamkhulu makabheka ilenceku futhi amangale ukuthi sekwenzenjani umuntu ohlonipheke kangaka elokhu ezixaka ngaye.

Mamkhulu:"Nceku yeNkosi."

Nceku:"Ubaba makeza akeze naleyo ndodana yakhe le okhuluma nayo manje, umsebenzi muningi kuyo ingasala futhi yona isikhashana. Lowo mfana unomoya ozifihlile kuye umoya wenkanuko aqeda kuwufakwa unina ngoba umyeni wakho unesikhathi angamuthinti manje bekafuna kuzenzakalele indodana yakhe ingamusoli. Nalokuhlupha isandla sikanina ngiyezwa asekudeni ukuthi uyazama kepha uyacindezeleka. Nemfihlo futhi le emayelana naye mayiphume.

Ungakhathazeki ngesimo sakhe esandleni somthetho ngeke kube yinkinga ngizomulungisela."

Amangale umamkhulu inceku enjani manje le engalungisa nezindaba zaboparole.

Mamkhulu:"Nceku angazi,ngikubonge ngani ngizomazisa"

Aluvale umamkhulu ayibheke indodana kaZodwa.

Mamkhulu:"Uyangithemba ndodana?"

Bonga:"Ngempilo yami ma ngize ngifisa kube,ungumawami."

Mamkhulu:"Ukhona ubabakho ufike izolo ushiye umawakho manje ufuna kuzihlanza ngaphakathi kuye uzocela usizo."

Bonga:"Ngempela ma ukuphi?"

Mamkhulu:"Ngicabanga kukuhambisa naye aye la ayohlanzwa khona ngoba sekuneminyaka asebenzisa umuthi ngendlela engekho kahle."

Bonga:"Mama wena awukhoni kukwenza lokho?"

Mamkhulu:"Ngingakhona kepha nina ningumndeni awusebenzeki umndeni."

Bonga:"Angivumelekanga ukuphuma mama la ngingaboshwa."

Mamkhulu:"Uqeda kuthi uyangithemba nje"

Amoyizele uBonga

Bonga:"Mama manje ubaba makafuna usizo kungani eza la kuwe?"

Mamkhulu:"USambulo uyeza ngizonazisa nonke."

Bonga:"Umgade ubaba phela ngangihlala ngimubona akubheka ngelihlo eliphaphayo ngingamubulala nya"

Bahleke baqhubeke bezixoxela nje.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWANTWENHLE🌼

UNtwenhle makaqeda ukubhala aphume ngokushesha avinjwe umngani wakhe ahlala axoxa naye kepha manje akasayingeni eyakhe ngoba uhlala ajahe kubuyela ekhaya enganeni nakuyise wengane.

"Hayibo waze waswelakala mkhozi wami njengephoyisa lendiya."

Ntwenhle:"Ngiyaphuthuma Ntombi."

Ntombi:"Ungangiswabisi sekushoda sibhale okokugcina manje asambe siyothola okubili nje."

Ntwenhle:"Ntombi mina ngiyaphuthuma."

Kubekhona obashayela ihutha abhoreke uNtombi

Ntombi:"Ngicela ungiphephise kulesinamba sesoka ngiyakucela mina ngikhathele yazi."

Ntwenhle:"Sekwenzenjani manje wena uyamuhlupha lomfana awumlahli ngani?"

Ntombi:"Ubaba phela umuthembile lomuntu konke okwakhe kuyangihlula angisayiphathi indaba yocansi."

Amubheke ngokumangala uNtwenhle

Ntombi:”Ohhhh konje usazigcinile wena, yazi namanje ngisaphupha ngaloyamuntu owanginikiza ehhotela.”

Ntwenhle:”Ingani uthi wathi uzokufuna aze akuthole akakakutholi namanje?”

Ntombi:”Lutho mngani.”

Ntwenhle:”Its obvious hleze unomfazi wena wamunika ikhekhe nje walinikiza wahamba, anginaso isikhathi sokuxoxa ngizokubona"

Makangena emotweni yakhe naye agibele amangale uNtwenhle.

Ntwenhle:”Manje?”

Ntombi:”Mngani ngicela noma amahora amathathu.”

Ntwenhle:”Uzobuya ngani manje ngoba uyazi mina ngihlala kude?”

Ntombi:”Mngani washintsha kanjena?”

Ntwenhle:”Kuyabhalwa manje akekho onesikhathi sokuvakasha.”

Ntombi:”Namuhla kuphela ngeke ngisakuhlupha"

Ntwenhle:”Uzobuya kanjani?”

Ntombi:”Ngizobuya ngamatekisi.”

Ntwenhle:”Kulungile, awulali Ntombi uhlala lawo mahora amathathu bese uyahambe ..”

Akokode efasteleni isoka lakhona alivule kepha angehli uNtombi.

Ntombi:”Siyofunda kaNtwenhle ngizokubona kusasa.”

“Uzobuya ngani?”

Ntombi:”Uzongiletha uNtwenhle.”

Amubheke Ntwenhle.

“Kulungile ngiyathemba ubhale kahle"

Avale ifastela bese uNtwenhle ususa imoto

Ntwenhle:”Awuhlukani ngani naye ngoba sohluleka kuzenzisa.”

Ntombi:”Mangimulahla ubaba ungiphuca allowance yami so I’m stuck with his nagging ass.”

Azithulele uNtwenhle ashayele aze afike bayongena endlini bafice uScelo enza ibhodlela lomntwana ahamba ngomzimba. Bamubheke naye ababuke abamangalele.

Scelo:”Sanibonani.”

Ntombi:”Mngani weeee kuyashisa la endlini yingakho ungabambeki ungaphenduli nezingcingo zami.”

Ntwenhle:”Nisale kahle?”

Scelo:”Kahle noma ngizinindile nje mangimushintsha.”

Ahleke uNtwenhle.

Ntwenhle:”Phephisa sengibuyile uthele ngakhi la?”

Asho athatha ibhodlela ageze izandla zakhe.

Scelo:”Angisakhumbuli angithi ungenile ngaphazamiseka ukubala.”

Alichithe alilungise kahle uScelo aye egunjini basale bodwa.

Ntombi:”Manje lemilky bar eyakuphi?”

Ntwenhle abheke ngasegunjini.

Ntwenhle:”Uyise wengane yami.”

Ajike uScelo makezwa lokhu akushoyo abethi uyaphuma futhi uyolanda ucingo lwakhe.

Ntombi:”Ingane ebuya kuphi?”

Ntwenhle:”Kanti ibuyaphi ingane.”

Ntombi:”Mngani unengane nini kanjani?”

Ntwenhle:”Vala umlomo uzongena impukane"

Ntombi:”Yingakho ungasabambeki nje ingakanani?”

Ntwenhle:”Isencane kuseluswane.”

Ntombi:”Uyangithusa mina ubukhulelwe nini?”

Ntwenhle:”Hayibo nangu umaBiyela phambi kwami bengisifihla mama namanje mangingakhumula uzobona"

Ntombi:”Manje lomliky Bar u ababakhe? Like uyakuqabula ngalamalips"

Ntwenhle:”Ungamuphaphelike uzokudiliza kabhlungu kabi, ithi ngiqede la ngizokukhombisa intombazane yami"

Ntombi:”Hayibo angiyikholwa le, ngiyakuxolela mngani sengiyazwisisa kungani ungasabambeki ubhuti wakho uyazi unengane?”

Kukhale ucingo lukaNtombi makalubheka athuke  aluphendule.

Ntombi:”Baba"

Baba:”Manje phuma lapho uyogibela emotweni uBheki  ukulindile, ukufunda okunjani lokho emafulethini. Lomfana uzokuyeka manje ukubeke kwacaca ukuthi kokugcina ancengana nawe, wamubhedela futhi uyakushiya uyazi nawe okuzokwenzeka angakuduba la nxx.”

Avale ucingo lwakhe sekaswabile.

Ntombi:"Mngani sekumele ngihambe lembongolo ingilandelile"

Ntwenhle:"Yeka ukuhlupha nawe"

Ntombi:"Ngihlupha ngani kodwa?"

Ntwenhle:"Nakhu wakhona kulala nomuntu emazweni ungamazi uBheki ekhona naye yikona ukuhlupha. Kuyimanje ulokhu ubambelele kulomgexo akunika wona, uphi ngoba ungawufakanga namuhla?"

Ntombi:"Ungangikhumbuzi indaba yalomgexo  mngani waqhunsuka ngingananakile angazi ukuphi."

Bavalelisane amuphelezele  amubeke esangweni ayogibela abuyele endlini uNtwenhle. UScelo uvele waphelelwa amandla yilamanga aqanjwe uNtwenhle kulomngani wakhe angazi athini. Umile nje ubheke ingane yakhe ilele.

Scelo:"Uyakhula wena buka ubuso  bugcwele njani manje, uzitholele umama ngathi uzokuthanda kodwa ubaba akasiyo indoda engaba naye. Noma bangathini uthando lodwa alusebenzi."

Ayibuke ingane yakhe kuze kwehle unyembezi olulodwa angene uNtwenhle azisule ngokushesha bese uyaphenduka uyamubuka.

Ntwenhle:"Kwenzenjani?"

Scelo:"Lutho naMgazi lutho ubhale kanjani?"

Ntwenhle:"Ahhh kube angifundanga bengimosha isikhathi nje  bekulula."

Sccelo:"Ngiyakubongela."

Ntwenhle:"Sekunzima ukuba kude kunani cabanga isikhashana nje besenginikhumbulile."

Athuke uScelo ngoba naye bekamukhumbula nokuphapha kwakhe uNtwenhle makabona indlela angayo aswabe naye kusho ukuthi sekenze nokuphapha azihlekise.

Ntwenhle:"Hayibo ngisho uMpilwenhle besengimukhumbulile uqinsile ngiyaphapha umlomo wami uvele ukhulume mina ngingawukhulumisanga  Ithi ngibuke umntanami."

Ahleke uScelo ilento aqeda kuyisho, Asondele amuchelele kancane uScelo amubheke ebusweni makabuka uMpilwenhle ugcwala uthando nje akazenzisi uyamuthanda ngempela umntanakhe angamuzali. Naye sekaqala kumubuka ngenye indlela kepha uyazenyeza ngokungabi nemali.

Ntwenhle:"Kungani ungadlanga ngoba ukudla kwakho kusekhona?"

Scelo:"UMpilwenhle ulunga mawukhona angitholanga nesikhathi sokudla ngilokhu nginaye. Makangakhali uyakaka mangiqeda ukumsula ngimunike ibhodlela lakhe alitshokoze. Angazi noma abetshokoza noma uhlanzile vele."

Ahleke uNtwenhle.

Ntwenhle:"Hayi baba kaMpilo mawuqeda umulalisa phezu kombhede ungawumbesanga, wena uyalala kumatilasi ungafakwanga ishidi?"

Scelo:"Kanti yini lokhu ngoba."

Makathinta vele kuyisipontshi

Ntwenhle:"Manje ziphi lezimpahla zonke?"

Scelo:"Ngizifake emanzini njengoba uhlala wenza kepha ngagcobisa isunlight."

Ntwenhle:"Kuncono mzukwana ngibhala uzobe sekakulungile ukuba ngaphandle."

Scelo:"Ungaphinde usishiye sodwa kubheda konke mawungekho."

Ntwenhle:"Ngempela?"

Scelo:”Ngempela akukho engikwenzile manje sekazwile ukuthi umamakhe sekakhona sekayazilalisa"

Ntwenhle:”Nizongiphelezela masengiyobhala futhi.”

Scelo:”Nakanjani.”

Ntwenhle:”Ungibize ngomawakhe.”

Athuke uScelo asondele uNtwenhle eme phambi kwakhe.

Scelo:”Ngiyaxolisa nami ngathi sengiyaphapha.”

Ntwenhle:”Ngijabulile angazi kungani, Scelo.”

Scelo:”Ye.”

Ntwenhle:”,Ayyy yekela uzothi ngiyaphapha.”

Scelo:”Ngathi sengiyakuthanda kuphashelwa nguwe khuluma umlomo wakho uhlala uzikhulumela  vele"

Ntwenhle:”Ayyy akunandaba, ngifuna kulala kancane ngifunde ubusuku bonke for nothing.”

Makasuka uScelo athuke sekamubambile ngesandla amudonsele kuye bashayisane ngezifuba amuhage, noNtwenhle athule. Azisole sekamubambile uScelo makathi uyamuyeka

Ntwenhle:”Please ungangiyeki"

Amubambe futhi amucabuze ekhanda uScelo, abuye ehle amucabuze esiphongo, aphakamise ubuso izindebe zabo zihlangane bacabuzane. Amuyeke uScelo asuke lapho ngokushesha athathe isikibha asigqoke aphume.

Ntwenhle:”Scelo."

Aphume uScelo aqonde emotweni seliqala kufathaza ayisuse uthukile kakhulu futhi, ashayele afike ayimise la aya khona ukuthuka kwakhe sekuhlangene nokukhala. Ehlike selina kakhulu manje ahambe aze afike ahlale phezu kwethuna limaNomthandazo akhale.

Scelo:"Ngenzeni kodwa sthandwa sami ungishiyile kunzima angazi kwenzakaleni kimi ngazithola sengenza lento engiyenzile.  Ohhhh Ntwenhle ungenzani kepha ngiyazi okumele ngikwenze ngizothatha ingane yami ngihambe."

Line izilu lize lithule kuhwalale sekalicente  labalihle ithuna likaNomthandazo ahlale phansi. Sekakhathele akakadli futhi selokhu kusile.

"Baba kaThandazo"

Scelo:"Wase ubamuhle ngalohlobo."

"Ingane yami idinga unina."

Scelo:"Ukhona wena nje."

"Angisekho mina ngeke ngikhone kumufundisa ukugqoka ipad masekakhulile ngoba ngila, ngeke ngikhone kumaluleka masekanesoka, ngeke ngikhone kumubonisa impilo. Wena uzokwenza lokho kepha udinga usizo. Akusilo iphutha ukuthanda omunye umuntu mina ngikwenzile ebekumele ngikwenze empilweni angisekho manje."

Scelo:"Mana kuyala kimi uqeda kuhamba."

"Ingane yami idinga uthando lukanina."

Aphaphame asukume athalaze sekumnyama ingqondo ibuye ukuthi usemathuneni asuke aqhamuke lamajuba futhi andize akhe ubuso bukaThandazo manje buyamoyizela lobuso.

Scelo:"Angihlanyi"

Asuke ngejubane makangena emotweni ayidumise ayisuse abheke isikhathi hayibo ihora lokuqala entathakusa  nje. Ashayele ngesivinini aze afike ehlike akokode kusakhanya.

Scelo:"Yimina mama kaMpilwenhle."

Azizwe izinyawo zisondela ngathi uyazihudula avule umnyango kuqala beme babhekane uyabonakala abekhala uNtwenhle. Avule futhi lezinsimbi abuye akhiye avale nomnyango amubheke unenhlabathi ezinqeni.

Ntwenhle:"Nakhu ukudla."

Ahluleke ukuzibamba futhi uScelo amubambe amucabuze abuye amuhage.

Scelo:"Ngiyaxolisa"

Ntwenhle:"Ubuyaphi?"

Scelo:"Kuyofuna izimpendulo."

Ntwenhle:"Uzitholile?"

Scelo:"Ithi ngiyogeza."

Amuyeke amushiye lapho makangena egunjini uyabona ukuthi azange ke alale umbhede usekahle kanti kuyabanda. Ayongena kushawa ezibuza ukuthi lengane yabantu yamuthanda kangaka nje kungani enganalutho. Makaqeda kugeza azigcobe agqoke izinto zokulala nazo uzithengelwe uNtwenhle.

Ntwenhle:"Buya uzodla"

Scelo:"Anginawo umdandla."

Athathe lengutshana ahlala ambesa ngayo kusofa aphume aphinde ajike eme emnyango afice uNtwenhle sekangena engubeni.

Ntwenhle :"Ufuna kulala nami?"

Athuke uScelo amubheke.

Scelo:"Yebo namuhla kakhulu kodwa ngeke."

UScelo uphendula ukulala kokwenza ucansi kanti uNtwenhle umubuza ngokulala embhedeni ndawonye bangezi lutho. Ababoni bobabili ukuthi inkulumo yabo iyaphambana.

Ntwenhle:"Woza nami ngiyafuna"

Angalindi kumenywa kwesibili uScelo angene engubeni..

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 39🌼

KWANTWENHLE🌼

UScelo wangena engubeni nemizwa seyibhebhethekiswa ilokhu akushilo uNtwenhle. Kanti uNtwenhle naye iyamubamba  uzwa nesisu ngathi siyabophama senza into angayazi ukuthi iyini.

Angazi uNtwenhle noma abheke ngakuye noma amufulathele. Makangena uScelo embhedeni asondele kakhulu kuNtwenhle aze amubambe. Uyafuna kuqhubeka kodwa asindeke angasaqhubeki angenzi lutho amubambe nje.

Aphenduke afulathele uNtwenhle abeke isandla sakhe okhalweni lukaScelo isandla siyolengela ngaphambili esiswini. Bazame ukuzumeka ngenxa yokuthi ukhathele vele akalalanga ngayizolo abefunda bumbambe ubthongo.

UScelo athuke isandla sikaNtwenhle sesifikile esithweni sakhe kepha usebuthongweni naye abone ukuthi ulele akaziboni nokuthi umuthintephi.

Afise ngathi angamuthinta amudlalise agcine sekazibhekise phezulu uScelo abambise uNtwenhle  isitho sakhe. Isandla sikaNtwenhle sithambile makasiyeka yena naso siyayeka.

Agcine sekasibambile isandla sikaNtwenhle sibambe isitho qobo lwaso esikaScelo siqinise esikaNtwenhle avale amehlo.

UNtwenhle aphaphame makathi uzama kuphenduka kodwa isandla sibambekile aze avule amehlo athuke asuse isandla sakhe la esikhona noScelo abone ukuthi akaxole balale.

Naye wazenza olele ngoba ezwa ukuthi uphapheme uNtwenhle. UNtwenhle abheke uScelo afise kubuyisela isandla futhi kepha azikhuze.

Ntwenhle:"Scelo"

Scelo:"Yeeeee"

Ntwenhle:"Awulelanga kanti?"

Scelo:"Ngiyaxolisa imizwa"

Ntwenhle:"Ungasachazi nami ingiphethe kepha ngizozibamba."

Scelo:"Ngicela ungidlalise ngesandla ngizochama."

Ntwenhle:"Scelo."

Scelo:"Ngiyaphapha ne phephisa."

Amoyizele uNtwenhle

Ntwenhle:"Inkinga ayikho"

Scelo:"Enhle eish"

Ntwenhle:"Asilale."

Scelo:"Ngicela ungisomiseke"

Ntwenhle:"Scelo kodwa"

Scelo:"Kudala"

Amungene emlonyeni

Ntwenhle:"Ngiyazi kudala wagcina mawusoma awufiki duzane nepunani?"

Scelo:"Awufiki"

Athule uNtwenhle asuke uScelo amuqabule indlela enza ngayo uNtwenhle kumcacele uScelo ukuthi uyavuma. Baqabulane amukhumule ngaphansi asale ngephenti agibele phezu kwakhe.

Ntwenhle:"Ngicela ungayifaki nangephutha ngiyakucela."

Scelo:"Ngiyakuthembisa."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

“Kanti uzovuka nini nkosikazi angifuni umsebenzi wengane yami umosheke.”

MaBaloyi:”Kahle baba mina ngithukile ngalomsebenzi.”

“Ungakhathazeki konke kuzohamba kahle ngikhona"

MaBaloyi:”Ingane yethu iyakhula isiyoba nomndeni wayo ijabulile futhi.”

“Yingakho kumele ahlale nalomyeni wakhe nkosikazi umyeke manje sengingalala ngoxolo ingane yami ithole uthando lweqiniso"

MaBaloyi:”Ulala ngoxolo kanjani singakatholi umbulali wakho.”

UmaBaloyi abone umyeni wakhe emoyizela kuze kukhanye kakhulu ebusweni bakhe.

“Ngeke kukusize  ngalutho lokho, ngeke kungibuyise futhi wena nakekela injabulo kaLungile.”

MaBaloyi:”Baba"

Sekasele yedwa

Lungi:”Mama namuhla nguwena olala kanje ufaka ilanga.”

Aphaphame umaBaloyi abone ukuthi kusho abephupha kepha lephupho belizwakala ngathi kuyenzeka ngempela.

MaBaloyi:”Ubani isikhathi?”

Lungi:”Ihora lesihlanu.”

MaBaloyi:”Hayibo ngalala kangaka ngiseliwe.”

Avuke ngokutatazela.

Lungi:”Useliwe uyaphi ma?”

MaBaloyi:”Uyazi izibunu zami azizwani nokufakwa ilanga ngithelele amanzi.”

Ahleke uLungile ayomufakela amanzi okugeza abuye futhi, asuse izingubo kuthi undlula umbhede manje. Amushiye naye uyozilungisa. Kuyaphithiza kukhona ngisho no anti kaLungile izihlobo bomalume.

Usegunjini lakhe ujabulile ngolunye uhlobo abafana bakhe baxhumene nabo lo omdala azange batshelwa igama lakhe uLungile uvele wamubiza ngoSphiwosethu. Naye uMduduzi makakhuluma ngaye sekambiza ngoSphiwo. UmaBaloyi ujabulile naye phela abehlalela ovalweni kuthi indodakazi yakhe ngeke iluthole uthando, nakhu ulutholile uze uyalotsholwa. Uyamulungisa uNokubonga.

Lungi:”Ngiyabonga sisi usuvele waba usesi engingenaye.”

Noku:”Nami ngizitholele omunye usesi, siyogana amadodana omuntu kumele sibambane kuzothuthuka nomndeni kahle.”

Lungi:”Ninomama niyazwana futhi"

Noku:”Kakhulu, awusho balalaphi boMduduzi.”

Lungi:”Angazi yazi abekho kwaSambulo yini?”

Noku:”Kungenzeka bangabakuphi kodwa.”

Lungi:”Sokhumbule inkosi”.

Noku:”Lomuntu ngimubona njalo nje”

Lungi:”Angisho ukumbona ngamehlo khona,osokukhumbulile.”

Bahleke

Noku:”Lalelake noma ngingamukhumbula kanjani mina ngisasala.”

Lungi:”Ohhh konje izolo ubhuti Sambulo bekumele akuyise kumamkhulu.”

Noku:”Yebo usuke waphazamiseka kulamashishini akhe. Sesizoya namuhla.”

Lungi:”Uzobe ungekho nje makufika umnden?”

Noku:”Eqinisweni namuhla asidingeki nje kakhulu abantu abadala abakhulumayo.”

Lungi:”Uqinsile nalaba abagcwele nje bazizele kuzophuza imbamba.”

Bahleke kungene umaBaloyi.

MaBaloyi:”Mantombazane nahleka kamnandi.”

Noku:”Siyazikhulumela nje mama, usakhumbula mama ukuthi ngiyahamba ngizonibona ntambama.”

MaBaloyi:"Ngiyakhumbula mntanami ubhuti wakho ukulandile ungaphandle, futhi ngathi uhamba noBiyela."

Lungi:"Ayyy mama usumazi ngani?"

MaBaloyi:"Ngibona ngalezindlebe ezicijile noma akude, ingani noPhiwo unezindlebe."

Lungi:"Mama awume ngale kwegceke sowubone izindlebe zabakhwenyane."

MaBaloyi:"Uyazi iso lami libukhali, hey pentshisi hamba."

Ahleke abavalelise

Noku:"Lungi ungibekele imbamba  lamakhehla azoyiqeda"

MaBaloyi:"Hayibo kahleni"

Lungi:"Ngizokubekela"

MaBaloyi:"Ngizathi niyadlala kanti vele nihlanganiswe ukuphuza imbamba, nangu umalume wenu abekhala izolo angaboni imboza yakhe ikuphi mhlawumbe ibithathwe yinina."

Badazuluke uhleko luqhume luye phezulu, aphume uNokubonga ngempela uhamba noMlumgisi kanye noMdu.

Noku:"Hawu manje Mgazi ubaba uzongena nobani?"

Mlu:"Uza nabafowabo ulale kanjani?"

Noku:"Kahle"

Ugibele phambili uSambulo uyashayela.

Sambulo:"Nokubonga uzophula imoto yami ulokhu ubheka emuva."

Mlu:"Ndoda yeka umona hawu, azange ngithi ungaloboli mina kusenesikhathi."

Sambulo:”Ithayma lakho nalo bengizolobola kubani kimi ngoba mina ngizikhulisele, futhi nje yena kube uthi mi thatha Buthelezi.”

Mlu:”Kona kunjalo Mdu wathula kangaka.”

Mdu:”Kunento engiphazamisayo ngala khabo Lungile.”

Mlu:”Yilento ocabanga ukuthi wayibona?”

Mdu:”Its more than that, ngiyazibuza ukuthi isibhamu bengisenzani mina"

Mlu:”Yekela ukuzikhathaza ngalento mfo ngoba ingacaci kungenza wakuphupha"

Sambulo:”Kuyenzeka futhi uke wandlula endaweni ethile kube ngathi wake wabala phambilini, noma wenze into kube ngathi uke wakwenza lokhu kunjalo nje"

Mlu:”Ndlovukazi solele?”

Noku:”Anginizwa nikhuluma ngani, Sambulo usibizeleni umamkhulu?”

Sambulo:”Angazi sizozwa khona.”

Noku:”Ngiyathemba akukho akwenzile uBonga.”

Sambulo:”Ngeke uBonga sekavukile kulamaqanda abelele kuwo manje"

Noku:”Uphi uThemba?”

Bahleke ngathi ubakitazile kakhulu futhi makabheka emuva naye aze ahleke kancane uMduduzi ukhala izinyembezi.

Noku:”Ngitheni kanti ehlikisayo?”

Sambulo:”Sihleka lento evelele uThemba yingakho umawakhe abiza lengane ngomnyamane.”

Mlu:"Ukuhlanya okunje"

Mdu:"Mina into engiqede kakhulu ukudatshulwa kombhede abewungene ngani."

Mlu:"Mina ngihlekiswa eyokucishelwa umabonakude lomntwana uyadelela yerrrr"

Sambulo:"Yazi okungichazayo ngomthimbane ngoba sekabongile ngeke aphinde amnuke uSwazi sekamuphiphithile."

Noku:"Kanti nokhuluma ngani?"

Sambulo:"Ahhhh wena uzosuke utshele umawakhe bese uyakhathazeka umuntu omdala"

Noku:"Ngizomtshela vele."

Mlu:"Uvuke wayaphi ngoba uphume ekuseni namuhla."

Sambulo:"Mhlawumbe usayopholisa ikhanda, sesifikile."

Mayima nje imoto livuleke isango

Noku:"Cha kubalulekile sigadiwe."

Aphume umamkhulu abalinde.

Mdu:"Hayi lomama muhle ngabona noNtombela aziphathisa ngentwaba celeni kwakhe."

Bahleke bonke ngisho,noNokubonga

Sambulo:"Akhohlwe uNtombela kukhona,umuntu amthamdayo"

Noku:"Ubani vele loyo nami wake wangixoxela ngomlisa owamuphatha kabi."

Mlu:"Senifuna izindaab zabantu abadala."

Behlike ahage uNokubonga kuqala.

Sambulo:”Kwathuleka nje la ekhaya namuhla baphi bothwasane?”

Mamkhulu:”Ngibanike amaday off bazobuya kusasa"

UMlungisi sekunokushalazela ngoba sekazi ukuthi ungumama kaNokubonga.

Noku:”Manje awusabi igceke elingaka.”

Mamkhulu:”NginoBonga nje.”

Sambulo:”UBonga usasela?”

Mamkhulu:”Uyasiza futhi"

Abavulele umnyango wasendlini bangene uMlungisi asalele emuva.

Mlu:”Sizobalinda la,ngaphandle ma sinoMdu"

Ajike uMduduzi kanti besekangenile endlini.

Mamkhulu:”Ngizonilethela okokuphuza manje.”

Mlu:”Ungakhathazeki ma"

Amubheke

Mamkhulu:”Ukutshelile uSambulo?”

Angeke aqambe amanga athi cha ngoba umamkhulu lo ubona nasekufihlekeni avume ngekhanda bahambe bayohlala phansi kwesihlahla. Bangene bahlale phansi kuhlanzekile nje.

Mamkhulu:”Nokubonga noSambulo nawe Bonga ngiyathemba emva kokuthi ngizwe lokhu ngeke ningixwaye. Ngilindeni kancane.”

Avule umnyango wasegunjini abuye ahlale phansi kuvele uyise wabo babhekane asukume uSambulo umamkhulu amubheke bese uhlala phansi.

Buthelezi:”Sanibonani bantami.”

Noku:”Sawubona baba.”

Bonga:”Thayma"

Sambulo:”🤐”

Mamkhulu:”Sambulo ubabakho uyabingelela.”

Sambulo:”Mmmmm.”

UNokubonga amangale nje bahlezi osofeni owodwa babhekane babuye babheke bona.

Bonga:”Ohk niyasithusa manje, nizositshela ukuthi uZodwa sekashonile akunankinga"

USambulo ahleke makezwa lokho bamubuke abazali bakhe.

Mamkhulu:”Kunento mina nobabenu esibone ukuthi sekuyisikhathi sinitshele yona.”

Sambulo:”Kwamele abekhona la?”

Mamkhulu:”Ubani?”

Sambulo:”UMkhululi"

Buthelezi:”Sambulo nika umamkhulu ithuba lokukhuluma aqede.”

Sambuko:”Bengingazi ukuthi uzobe akhona bengeke ngize asambe Nokubonga.”

Ahle asukume

Mamkhulu:"Sambulo la kukwami wonke umuntu ola uvulelwe yimina isango okusho ukuthi ngiyafuna abekhona. Shiya uNokubonga uhambe wedwa ungaphinde futhi ubuye la ngeke ngidelelelwe nguwe. Nibizwe yimina noButhelezi ubizwe yimi."

Ahlale phansi uSambulo abheke phansi.

Bonga:"Ohk sitsheleni."

Babhekane futhi umamkhulu noButhelezi, avule isandla sakhe asibambe umamkhulu, uBonga noNokubonga baze bamangale babhekane nabo uSambulo uzibhekele phansi akaboni lutho.

Buthelezi:"Bantwabami mina kukhona inkosikazi engangishade nayo ngaphambi kwaZodwa saba nezingane ezimbili umfana nentombazane. Ngaba nokuganga nokukhohlakala ngashendezela inkosikazi yami"

Mamkhulu:"Lomuntu ashendeza naye wase uyamudlisa vele wawufulathela umndeni wakhe."

Buthelezi:"Ngathatha nezingane zami ezimbili ngayohlala nazo kulenkosikazi entsha. Saba nengane eyodwa nayo."

Bonga:"Ayyyy baba ngifuze wenake wase uyayishiya nayo wathola uZodwa wabanathi manje uZodwa somshiyile sothole umamkhulu usesi kaZodwa?"

Mamkhulu:"BONGA."

Bonga:"Ngiyaxolisa ma."

Noku:"Baba nithini kahle kahl?"

Buthelezi:"Wena noSambulo anizalwa uZodwa kepha nizalwa yilenkosikazi yokuqala"

Noku:”Ohhh thina siyizo lezingane owaziphuca umawazo wanikela ngazo kumthakathi owuZodwa baba.”

Abheke phansi uButhelezi ayeke umamkhulu azibambe esiphongo, asukume uNokubonga iphimbo liphezulu manje ngisho noMlungisi ngaphandle akasahlelisekanga.

Noku:”UPHIKE UMAWETHU, NGIYATHEMBA USAPHILA LA AKHONA NGOBA BABA ANGIKWAZI UKUZONDA UMUNTU NGALELOLANGA NGIZOKUZONDA.”

Bonga:”Mina ngiyingane yaZodwa vele?”

USambulo aphakamise ikhanda abheke umfowabo limudabukise iphimbo lakhe, Naye wayehlala afisa engakalazi iqiniso ukuthi kube akazalwa uZodwa noma ngabe abengabayintandane bekuncono kunokuzalwa uZodwa. Abheke ubabakhe afise ngathi angamutshela ukuthi uzalwa umamkhulu naye ngoba lento izomulimaza kakhulu futhi. Babhekane uButhelezi noSambulo bese uSambulo ubheka uBonga. Noku asondele ngakubabakhe

Noku:”MKHULULI UPHI UMA WETHU?”

Mamkhulu:”Hlala phansi Nokubonga.”

Mamkhulu:”MANJE'

Noku:”Mamkhu.”

Mamkhulu:”NGITHE MANJE NOKUBONGA.”

Sambulo:”Nokubonga.”

Ahambe ayohlala phansi

Buthelezi:”Umawenu usaphila"

Noku:”Ukuphi baba uhlala kuphi?”

Buthelezi:"Nizalwa uNelsiwe."

Bonga:"Umamkhulu?"

Avume ngekhanda uButhelezi

Noku:"Manje wena washiya umamkhulu usushadile naye wagijima noZodwa usesi wakhe baba really."

Abheke phansi uButhelezi amudabukele umamkhulu akafuni ngomyeni wakhe abengazi naye ukuthi usamuthanda kangaka. Asukume futhi uNokubonga akakholwa.

Noku:"BABA UBUNGAYENZA KANJANI INTO EMANYALA KANGAKA ABANTWANA BOMUNTU UBASHINTSHE"

Asukume umamkhulu amushaye ngempama sekayabila naye

Mamkhulu:"Uyingane Nokubonga unesibindi sokumela uyihlo umthuke ngalolohlobo akuzala. Awunalo ilungelo lokumubuza loko impi yami leyo uyangizwa"

Buthelezi:"Ayikho inkinga Nelsiwe uqinsile."

Mamkhulu:"Sinitshelile ebesifuna ukunitshela kona hambani."

Noku:"Mama."

Limbambe legama amubize  ngalo kepha akafuni nje kudelelwa yena.

Noku:"Ngithukile."

Mamkhulu:"Xolisa kubabakho hhayi kimi."

Noku:"Ngiyaxolisa baba ngithukuthelile"

Buthelezi:"Ngiyazi mntanami wena vele kwasekukhuleni kwakho ulwimi lwakho beluzihambela nje."

Abheke uSambulo

Buthelezi:"Ngiyaxolisa ndodana kakhulu nangendaba kaGabsile ngasithwa ubumnyama ngixolele ndodana"

Sambulo:"Baba mina azange ngiyiphile impilo yami ngangihlalela ovalweni kuthi kuzokwenzeka okuthile ngalengane yabantu. Ngihlala ngigadene nayo azange ngibenze nokuganga kwabafana"

Buthelezi:"Buka manje niyathandana uzoba inkosikazi yakho uzikhulisele, mntanami mina ngiyabonga azange uvumele yonke lento yenzeke ngoba angazi manje ukube ngikuphi, ngamanye amagama ubeyindoda engingazange ngibe yiyo wasindisa ngisho nami. Ngixolele Buthelezi ngixolele Shenge"

USambulo abheke umawakhe amoyizele umawakhe sekayengezela nezinyembezi asondele uSambulo axhawule ubabakhe., uNokubonga aziyele kumamkhulu amuhage. Athule ababuke uBonga.

Buthelezi:"Okunye nakhu ngihambile ekhaya ngimushiyile uZodwa ngabuya ekhaya umawenu wangamukela manje nginezinto eziningi okumele ziyokhishwa bangingcwalise ngizokwazi ukwamukeleka kumawenu ngokuphelele."

Amoyizele uSambulo azibhekele phansi uBonga asukume athi uyaphuma asukume umamkhulu amuvimbe.

Bonga:"Ngiyeke ma ngiyajabula ukuthi nijabulile genuine kodwa kubuhlungu futhi manje nje bengikutshela ukuthi ngiyafisa kube ngiyingane yakho kanti cha kubuhlungu."

Sambulo:"Bonga."

Akhale umamkhulu ngendlela abangakaze bayibone ashiye uBonga emnyango ayozilahla ngamadolo phambi kwaButhelezi. Azame kumuphakamisa uButhelezi kepha aziqinise umamkhulu abambelele emadolweni akhe.

Mamkhulu:"Ngiyaxolisa Shenge nami nginaso isono akusiwuwe wedwa esami sinzima. Mangike ngasicabanga nje kubanzima angikhoni nokusebenza okunye angikhoni nokukubona ngize ngihambe ngiyoshweleza emfuleni."

Buthelezi:"Khuluma buka uthusa izingane."

uNokubonga sekahle  uyakhala naye.

Mamkhulu:"Ohhhhhhhh Nkosi yami Buthelezi inhliziyo yami yayibuhlungu ngokungishiya kwakho"

Kungene naboMlungisi ngoba manje lokukhala kwamamkhulu kuyathusa.

Sambulo:"Mama uyakuxolela ubaba ungakhali kabuhlungu kanje ngiyakucela."

Buthelezi:"Yebo ngiyakuxolela khawula"

Mamkhulu:"Uyakhumbula kwenzakalani mawuzolanda iveni?"

Kube ngathi uyacabanga  uButhelezi bese ubheka abantwana ashalazele

Buthelezi:"Ngiyakhumbula konke futhi nezinyembezi zakho."

Mamkhulu:"Lento eyenzeka wangishiya ngikhulelwe futhi mawuqeda ukulala nami wathatha bokhiye wafulathela wangabheka emuva noma sengikukhalela wahamba wangishiya. Ngabe nenye inzondo kuwe noZodwa, emva kwezinyanga ngathola ukuthi ngikhulelwe kanti noZodwa ukhulelwe. Ngaya esibhedlela kuyohlolwa ngakubona wena ubambe uZodwa kwangicacela ukuthi uzoteta

. Ngezwa ubuhlungu ngaphuma ngigijima ngaya emfuleni lapho kwakunosisi wami  khona uyamkhumbuka."

Buthelezi:"Ngiyakhumbula lo owathunjwa noma wenziwani bekasebenza emfuleni ningakhoni kumjkhulula?"

Avume ngekhand

Mamkhulu:"Ngafike ngamubiza ngendlela engangihlala ngimubiza ngayo ngamutshela ukuthi usisi wethu omncane ukhulelwe naye. Naye wathukuthela ngakesenzo wangenza ngaphathwa izinhlungu nami. Ngamtshela mina ukuthi ngifuna afe lomntwana akahambe ayombulala ngabuyela esibhedlela ngempela ngabeletha ingane yomfana. Ingane yethu yomfana yesithathu usisi ngempela wayibulala ingane kaZodwa kwasho mina futhi. Wase sase sase."

Buthelezi:"Nase nenzani?"

Mamkhulu:"UZodwa abelele uNomahlubi wathatha ingane yami wayoyibeka kuZodwa wathatha ekaZodwa wahamba nayo"

Athuke athule uButhelezi bonke bathuke kwehle izinyembezi kuButhelezi.

Buthelezi:"Ungubani Nelsiwe ninosisi wakho nabulala ingane yami asambe siye uiNomahlubi angikhombise ingane yami."

Mamkhulu:"Angisamutholi angazi noma bamumukisa kwenye indawo angazi babaSambulo .."

Buthelezi:"Lenceku ithe izofika ngobani isikhathi?"

Asukume uButhelezi amulandele mamkhulu

Mamkhulu:"Inhliziyo yami yayibuhlungu

Buthelezi:"Ingane ibingena ngani lapho ingane enganacala"

Baphume balandelana bonke baphanjanelwe amakhanda abazi,bathini kubani

Bonga:”Kuncono thayma angisiyo ingane kaZodwa umamami uNelisiwe.”

Bangamunaki uBonga mabafika kulegumbi bekalele kulo uButhelezi nangu nomamkhulu uyamulandela.

Mamkhulu:”Ngixolele Shenge"

Buthelezi:”Nelisiwe mina izono zami ngizenze zacaca zathi bha azange ngafihla namanje bengibuye ngoba vele ngibuyile angizenzisi. Wena ukhona ukubulala uswane bese uphila ngathi akunalutho okwenzile . uBonga yena waphisana ngaye kanjalo nje"

Mamkhulu:”Bengazi ukuthi ngeke amenze lutho ngoba bekazi ukuthi ingane yakhe, futhi abezokhula,kunye nezingane zakubo"

Buthelezi:”Abeyini lowo umntwana?”

Mamkhulu:”Umfana naye.”

Buthelezi:”Ifika nini lenceku?”

Kukokode uNokubonga

Noku:”Mama kukhona itekisi elisesangweni.”

Azilungise umamkhulu azisule kahle aphume etekisini kuphume owesilisa aphakamise isandla umamkhulu avule isango. Basamangele endlini ingene itekisi inceku ithi abange e endlini bangene bbalandelana.

Kungene nalenceku ilandelwa abanye abafana nayo ngendlela exakile, egcineni kungene omunye makabonana noSambulo bajabulelane baxhawulane.

Sambulo:”Haaaa ngane kaKhans  uvumbukaphi?”

“Ngikhona njayami hayibo"

Sambulo:”JJ uthulile kodwa kuthulekile.

“Ngashada ndoda ngabona ukuthi ngiyeke amadiamond abantu,  iphi intwana yakho?”.

Sambulo:”Nayi ushadile angikholwa UJJ THWALA USHADILE ngifuna ukumbona loyo sesi onamandla kangaka"

JJ:”Uzomubona ingelosi yami, ngihamba nabobhuti bakhe nje.”

Sambulo:”Unengelosi uJJ.”

Nceku:”Ningangena ngapha sekuhwalele uphi ubaba ma?”

“Akukho noyedwa ongaziyo nami angijabulele wola njayami usangikhumbula mina, nami ngishadile njayami nethemba lami"

Lo omunye asho kuMlungisi angamuphenduli uMlungisi inceku ize imukhuze.

Nceku:”Mandla awume.”

Kuthuleke

Nceku:”Baba usukulungele ukuhamba?”

Buthelezi:"ngikulungele ndodana.”

Nceku:”Iyiphi indodana esiyithathayo?”

Bonga:”Yimina nceks.”

Nceku:”Angifuni ukuhamba nomuntu ngenkani wena uzosala ubaba makabuya uzobakahle?”

Bonga:”Ngizobamnandi nceks.”

Nceku:”Mandla ngathi sozitholele ofana nawe, igama lami nginguThabo Tshabalala lo umfowethu uThobela, lo uSipho bese lo uMandla longale uJabu Thwala ushade nodadewethu ma"

Mamkhulu:”Ngiyabonga nceku yenkosi ngicela ubanakekele.”

Akhale futhi umamkhulu kodwa akasakhali manje kakhulu.

Thabo:”Ungakhathazeki mama bazobakahle.”

Baphume sebabaphelezela kuya etekisini bagibele uBonga ahage umawakhe.

Mamkhulu:”Ngiyaxolisa ndodana”

Bonga:”Ngiyakuthanda mama ungazikhathazi ngizobuya ngibe ilendodana oyifunayo.”

Avalelise umfowabo nosesi wakhe ayongena etekisini ihlehle nabo itekisi ize iphume, ahluleke ukuqhubeka uButhelezi.

Buthelezi:”Ndodana ngicela ungiphe umzuzu nje.”

Bonga:”Hhayi baba sohle ufuna ithunda steshi singakafiki nasekudeni.”

Bagegetheke etekisini

Thabo:”Wena mfana awusazi nokusazi.”

Mandla:”Mina ngiyamazi.”

Mabahleka futhi uButhelezi aphume etekisini abuyele egcekeni asondele amubuke umamkhulu ngoba akazi ukuthi uyaphi bese umuvulela izandla zakhe angalindi ashone khona ayozihlohla ezingalweni zomyeni wakhe aqamele esifubeni akhale amubambe uButhelezi naye akasakhoni ukuzibamba uyakhala.

Buthelezi:”Ngiyakuthanda nkosikazi yami noma ngabe kwenzakaleni ngiyakuthanda.”

Mamkhulu:”Ngiyaxolisa"

Buthelezi:”Shhhhhh ngiyakuxolela sthandwa sami nhliziyo yami ma wezingane zami kundlulile. Mina nawe siya phambili manje"

Amuqabule eside isikhathi kumemeze uMandla etekisini.

Mandla:”Sizokulinda mntomdala shaya"

Bahleke etekisini uNokubonga noSambulo sebagaxene nabo bajabulile aqhubeke baqabulane makamuyeka.

Buthelezi:”Ngisenkingeni manje labafana bazongibona sengilimele"

Mamkhulu:”Nokubonga iya endlini ucishe logesi la ngaphandle.”

Ahambe ayowucisha amuyeke ngokushesha aye etekisini uMandla alokhu athi uThabo akakhanyise ngamalambu etekisi wala uThabo. Yahamba itekisi basala bayibukile.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 40🌼

UThemba wavuka wazilungisa wahamba, abelele kwaSambulo kukhona noMlungisi noMduduzi namuhla usesi wakhe uyalotsholwa  uzoshesha ukubuya, ngapha ufuna kobona uSphelelo. Amushayele asasendleleni ekuseni ngabo4. Aluphakamise usebuthongweni.

Sphe:"Hellow."

Achazwe indlela iphimbo lakhe lingakhona makavuka afise nokumubona ukuthi unjani.

Themba:"Unjani."

Achazeke naye uSphelelo ekuseni nje.

Sphe:"Ngiyaphila ukahle wangifonela ekseni kangaka."

Themba:"Ngisendleleni ngiyeza."

Sphe:"Isekuseni nje."

Themba:"Angicabangi ukuthi ubaba uzonaka mawuphuma ekuseni kakhulu akufani nasebusuku."

Sphe:"Kulungile, ithi ngigeze"

Themba:"Ungagezi ngifuna ukukubona phela mawugeza uzosola ubaba kuthi uyesokeni."

Sphe:"Kulungile ume le ngasesihlahleni ungasondeli."

Avume uThemba ayinyathele makasazofika amushayele wenzela ukuthi azoba nesikhathi sokusondela ngoba ngeke akhone ukulinda uxakwa nayinkumbulo esisuke yaba ngaka.

Ashayele isikhashana makafika aswabe ngoba sekamulindile amise imoto ehlike. Acabange kuthi yinhle ingane yabantu kodwa muncane ngisho nasemuzimbeni muncane kahle. Ugqoke ilokwe elifusha kahle namabhutsi wabuyisa ijezi phezulu. Makehla uThemba amubone emoyizela aphinde azivale ubuso ngezandla, yona lento yokuzivala ubuso iyamuchaza uThemba. Uyasaba kumuthusa yingakho ezibamba angamuhagi yize efuna.

Themba:"Ngiyaxolisa kukulindisa."

Sphe:"Ngiyafika nje nami ngjyibonile imoto yakho mayijika kulomgwaqo ongale"

USphelelo uchazwa iphunga lamakha wakhe akazazi nje azenzeni uyafisa ngathi angamuhaga aphoxeke makangayingeni leyo uThemba.

Themba:"Kuyabanda asingene emotweni."

Bayongena ayisuse makabheka isikhathi aze azihleke cha uyahlanya ngempela ubani owenza lento ayenzayo kuzobona umuntu ngehora lesithupha.

Themba:"Ngiyathemba angikufakanga enkingeni ekhaya."

Sphe:"Lutho ngithe ngihambisa umamMakhulukhulu eclinic kuyaye kuthathe usuku lonke, kwesinye isikhathi kuze kushone ilanga ngoba kuba nabantu abaningi."

Themba:"Manje ngeke baye kuye uma?"

Sphe:"Ngeke ngimcelile uma ngamubekela yonke into azoyidinga usuku lonke."

Themba:"Ngingaba nawe usuku lonkeke?"

Sphe:”Ngo4 ngifuna kubuya.”

Themba:”Uzobuya"

Sphe:”Angilali nabafana mina futhi"

Ahleke uThemba amubheke

Themba:”Awulali nabafana usho mina, isoka lakho ubungalali nalo?”

Sphe:”Ngingaba nesoka kanjani ubaba ahlala angihlola mangibuya ukuthi ngiseyintombi na.”

Amangale uThemba nawu umhlolo weshangane bo ingane phela le.

Themba:”Usho ukuthi awukaze wenze ucansi?”

Ubuza ngoba umangele phela lesikhathi samanje ziyabuya.

Sphe:”Angikaze”

Amubheke uThemba asuse imoto ayikhiphe endleleni angakafiki nakude  usacabanga lento amutshele yona.

Themba:”Manje ubabakho ukuhlola kanjani?”

Sphe:”Kunomama ohlolayo ngapha ekuhlaleni ungiyisa khona bese uyakhokha.”

Themba:”Njalo mawubuya ebusuku?”

Sphe:”Yebo nalenkathi ningithatha emgwaqeni wangihambisa ekuseni.”

Ahleke uThemba

Themba:”Ubabakho akadlali"

Sphe:”Ubaba ucabanga izinkomo zakhe akaboni nokuthi lento ingizwisa ubuhlungu.”

Themba:”Izinkomo zani?”

Sphe:”Uthi ufuna ngishade ngisavalekile azokhokhelwa kahle ngokungikhulisa.”

Amuphendule abheke phansi uSphe amubone naye ukuthi ngempela imuphatha kabi lento.

Themba:”Ngizokulobola azokwazi kuyeka lento ayenzayo.”

Ahleke uSphelelo makabheka uThemba akahleki userious bese uyathula.

Themba:”Ngiyakuthanda mina inhliziyo yami seyingikhethele wena.”

Sphe:”Ngisafuna kuqeda ekolishi kuqala, okwamanje kumele ngingabuyi ebsuku nje.”

Themba:”Kulungile okwamanje ngizokwenza isiqiniseko sokuthi angikubuyisi ebusuku mangikuthathile nawe mawuya edolobheni ungitshele ngayizolo ngizokulanda wenze izinto zakho uqede kusenesikhathi. Ngeke asakuhlola ubaba ungafuni.”

Sphe:”Ngiyabonga.”

Themba:”Ngicela kukumukisa ekhaya"

Sphe:”Angikakuqomi ungimukisa kanjani?”

Ahleke uThemba kakhulu makabona ubuserious baSphe makathi akakamuqomi kodwa kuyazicacela nje ukuthi uyamuthanda.

Themba:”Ayikho inkinga ngizomtshela umama ukuthi awukangiqomi kodwa uzongiqoma angithi?”

Aphendule anganakile uSphe.

Sphe:”Eya ngizokuqoma mangiqeda ekolishi.”

Achazeke uThemba afise ngathi kube umurikhodile angafuni ukumuhleka kodwa ngoba uzobanamahloni  ngalento aqeda kuyisho. Azinikinele ikhanda sekaqonyiwe nentombi ayinakile iyazibhayizela asuse imoto bahambe. Belokhu bezixoxela amubuze ngeskole baze bafike ezweni laThemba, amubone ngathi akasakhululekanga.

Themba:”Ngithembe angisiso isgebengu ngo2 sizosuka la ngikuyise ekhaya phela ngisakushela angikwazi ukuzimoshela ungakangiqomi.”

Sphe:”Kulungile"

Amise imoto endaweni yokudla bazothola isidlo sasekuseni bahlale bakulinde kufike, uThemba ahle azibonele ukuthi kuyabhayizwa la akhiphe imfologo angayisebenzisi adle ngesandla. Akhululeke noSphe badle.

Themba:”Namuhla kulotsholwa usisi wami omncane yingakho ngithi asambe siye kumama"

Sphe:"Singahamba kodwa ungasho kuthi uyangishela noma ini."

Themba:"Ngeke ithi ngifonele usisi wami."

Amufonele

Lungi:"Bhuti."

Themba;"Ngiza neskoni sakho angikafuni kumazisa kumama kodwa nguye lo uzothi umngani wakho".

Lungi:"Kulungile woza bhuti sebasesangweni ngiqala ukuthuka ababavuleli."

Avale ucingo asukume

Themba:"Asambe nzwakazi abakhongi bakaLungile sebafikile."

Akhiphe imali angayibali nokuyibala ayishiye etafuleni baphume uSphelelo usakubhekile ukudla kwakhe aze afise kukuthatha kube yiwo nje amahloni. Bangene emotweni ngempela basamile andlule ayomisa imoto kulesango elingemuva bangene khona ubambe uSphe ngesandla. Makangena nje azithele kumalume wakhe.

Malume:"Mshana wasiza wafika phela ubabomncane wakho nangu akakafiki ngizothini mina kulabantu."

Themba:"Angikwazi kukhuluma nabo mina bobaba abadala laba"

MaBaloyi:”Nangu afika uhamba nabanye abathathu, bangeniseni uLungile sekaze uyakhala, yayinhle bo nayi cheese cake ohamba nayo.”

Usho ubheke  uSphe angalindi nempendulo abashiye lapho uThemba amukise uSphe egumbini likaLungile.

Themba:”Ngiyabuya ngila endlini uyezwa, Lungile nangu umngani wakho igama lakhe uSphelelo.”

Abashiye uLungile amumoyizelele athi ahlale phansi

Lungi:”Ukahle?”

Sphe:”Ngikahle.”

Lungi:”Umuhle.”

Sphe:”Ngiyabonga, nawe umuhle.”

Lungi:”Ngicela ungilungise leduku lezinto seziyangishisa manje"

Sphe:”Ungakhumuli  naku babangenisa"

Lungi:”Ngiyazi masekukhona ubhuti konke kuyaqonda, ubuya kuphi?”

Angene umaBaloyi abheke uSphe

MaBaloyi:”Yaze yakufasa kahle leduku icheese cake.”

Ahleke uLungile

Lungi:”Mama kodwa  Sphe umawami lona mama uSphe lona umngani wami.”

MaBaloyi:"Waze wangidumaza bengicabanga ukuthi uzothi uzoshaya umnyamane ngestini, uyabhayiza lomfana naye. Cheesecake ubani okufundise ukushuqulisa iduku kanje?"

Sphe:"Umama uyathunga ngihlala ngimsiza nakho ukufasa iduku ngakufunda kuye."

MaBaloyi:"Unayo indoda?"

Sphe:"Cha ma."

MaBaloyi:"Uhleleleni umuhle kanje?"

Sphe:"Angangibulala ubaba kumele ngiqede ekolishi kuqala."

Kungene uAnti abize uLungi

Anti:"Kunconoke ngoba unomngani ozokusiza izani nizoseva abantu bakwakho."

Baphume

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMAMKHULU🌼

Basala balibuka itekisi laze lasithela uSambulo wasondela kumawakhe wamuhaga.

Sambulo:"Azange usho ukuthi ubaba umuthanda kangaka."

Mamkhulu:”Manje uyazi namahlazo amawenu.”

Sambulo:”Mina ngibona iqhawe lomama elingasusa noma ngabe yini esendleleni yenjabulo yezingane zayo.”

Noku:”Uqinsile ma"

Mamkhulu:”Asambeni siye endlini.”

Kukhale ucingo lukaMduduzi amoyizele makabona ukuthi ubani omufonelayo.

Mdu:”Lungi.”

Lungi:”Musa ukweyisa thani maMgazi noma mamMenziwa"

Mdu:”Ingxoxo seyihlangene sebaqedile ujika nabo manje"

Ajabule uMduduzi ngathi uthole okukhulu uMlungisi makabona lokhu babhekane noSambulo abahage bonke nje.

Mdu:”Who’s the man?”

Mlu:”You the man.”

Mdu:”Ofcourse I’m the man, ngisalanda isthandwa sami, ngicela ningiboleke lemoto.”

Mlu:”Asambe sobabili ubaba uzofuna kuyobona uNtwenhle"

Sambulo:"Sishiyeni sisafuna kuhlala nomama kuqala."

Mlu:"Sizojika kusasa noma usazofuna kuhlala nomama."

Noku:"Ngizokufonela ngikutshele"

Baphume ujabulile uMduduzi akakhoni nokuzenzisa, uMlungisi yena uthukele lento elokhu ifuna kuziveza. Bashayele baze bafike kepha uMlungisi amele kude.

Mlu:"Mulinde la ungayi kubo."

Mdu:"Sengilobolile nje"

Mlu:"Sewukuhlonipha nje mfo, ujabule kakhulu?"

Mdu:"Anginawo namazwi okuchaza uLungile uyangijabulisa"

Kuqhamuke imoto yababababo uhamba nabobhuti bakhe ababili bababone behle  bamuxhawule uMduduzi.

Biyela:"Madodana ngifuna ukuya kwinkosazana sizohamba."

Mlu:"Ngizonikhombisa mina uMdu usafuna ukuba nesithandwa sakhe"

Biyela:"Uyasebenza uLungile muyeke ngifuna nibekhona nonke mangitshela uNtwenhle ukuthi unosesi omdala kuye"

Bavume bahambe uMduduzi makatshela uLungile naye angabi nenkinga ngoba uhlezi noSphe.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWANTWENHLE🌼

Ubusuku babo babuchitha kamnandi manje abasakhoni kuchelelana bayaxoxa uNtwenhle uthe uzobhaka ukhiphe izinto zokubhaka wabeka etafuleni.

Ntwenhle:"Scelo."

Scelo:"Mmmmm."

Ntwenhle:"Wena umuntu makathandana nawe uma kukhona akufunayo ubona kuncono enzeni akutshele noma lokho uzokubona kuwukuphapha."

Scelo:"Ufunani"

Ntwenhle:"Ngiphendule kuqala."

Scelo:"Makukhona okufunayo ungitshele kunokufela phakathi."

Ntwenhle:"Angazi ngithini yazi ngilale kamnandi"

Scelo:"Ngempela manje udingani?"

Ntwenhle:"Ngisome futhi."

Akhulume abheke le ngokushesha ahlahle amehlo uScelo.

Scelo:"Bekumnandi?"

Ntwenhle:”Kakhulu”

Scelo;”Izolo sisome kakhulu silokhu siphinda kubuhlungu ivuvukile futhi, awuboni ngihamba kanjani."

Ntwenhle:”Unamanga.”

Scelo:”Ngempela angithi bengigudla iphenti lento idalelwe kungena phakathi.”

Ntwenhle:”Ithi ngibone.”

Scelo:”Awusabhaki ngoba sofuna kubonela umfana izinto zakhe buya sizoqedela ngizokusiza.”

Ntwenhle:”Uyanqaba?”

Scelo:”Ithi ngipholise sizosoma ebsuku, kumele ngihambise nalemoto kaThemba yazi.”

Ntwenhle:”Ungangishiyi awuhambi.”

Scelo:”Hayibo ngizoyihambisa mawufunda"

Ntwenhle:”Asiqedeleke kodwa mina.”

Scelo:”Wena wenzeni?”

Abuthe uflour kancane ngesandla amuthinte isihlathi, uNtwenhle athathe eningi amuthele ebusweni abempunga ubuso bonke. UScelo aphelelwe amandla asabe ukukha futhi ngoba yena ucabanga ukuthi bayamosha. Amubambe amuyamelise ekhabetheni amuqabule

Scelo:”Kusele ubhale ini?”

Amubheke uNtwenhle kodwa angafuni kumuswabisa amutshele.

Ntwenhle:”Pharmacology and therapeutics"

Scelo:”Ayikho nzima yona?”

Ntwenhle:”Kuphela kwesifundo esingiphefumulisa kabhlungu"

Scelo:”Letha ngibone ufunde once ulokhu ucabanga nomsomo.”

Ahleke uNtwenhle azilande izincwadi zakhe kepha ngokungabaza, abuye sekasulile etafuleni la kodwa kusasele. Uyamubona ukuthi uyangabaza uNtwenhle enze ngathi akamuboni. Ayivule ayibuke.

Scelo:”Inkinga ikuphi?”

Ntwenhle:”Scelo.”

Scelo:”Ngeke ngikusome mawungangitsheli kanti kukuhlupha kuphi uzovuka manje uMpilwenhle.”

Akafuni kuthi abesehlazweni angavumi kumutshela

Scelo:”Ohk Ithi ngikukhulule iTherapeutics in medicine it’s the branch that deals specifically with the treatment of diseases and the art and science of the healing. In pharmacology therapeutic accordingly refers to the use of drugs and method in their administration in the treatment of disease. Nginamanga?"

Amangale uNtwenhle ashaqeke nje yena wazi ukuthi uScelo unomatikuletsheni futhi iphupho lakhe ukuba unjiniyela aze acwebise amehlo.

Scelo:”Mama Mpilo ngiyazi ngimuhle khawula.

kungibuka kangaka hlala phansi.”

Ntwenhle:”Kanti kwenzakalani ngawe sthandwa sami yazi lesifundo singihlula ukundlula zonke”

Scelo:”Vula umnyango kancaneke ubuye sifunde ngizokutshela ngelinye ilanga ukuthi konke lokhu ngikwazelaphi"

Ntwenhle:”Hayibo usho yonke lento ungabhekanga nala futhi indlela oyichaza ngayo ihlukile kodwa iyiyo kuyacaca ukuthi ukhuluma ngento oyaziyo."

Scelo:”Bona ngizokutshela mzukwana wangifakisa phakathi"

Ahleke uNtwenhle

Ntwenhle:”Scelo angidlali njalo"

Scelo:”Ubani othi ngiyadlala.”

Ahambe avule umnyango kancane abuye ahlale phansi noNtwenhle alande umqamelo ahlale phezu kwawo baqalele bafundisane.

Okunye uScelo amuchazele angabukanga nencwadi okunye kubadide bobabili. Makuvuka umntwana bamunaka bobabili waphinde walala baqhubeka.

Ntwenhle:"Ungubani Scelo ulwazi olungaka ulithathaphi?"

Scelo:"Angisilutho Enhle ngahlangane nawe wangikhumbuza ukuthi ngiwutho uthando lwakho luyamangaza luyaguduza. Ngicela ungenzele into eyodwa."

Ntwenhle:"Ini?"

Scelo:"Ungangizweli ubuhlungu uma kwenzeka mhlawumbe uzizwe ungasangithandi ngicela ungitshele"

Ntwenhle:"Hayibo angicabangi nokuthi kuzofika lapho, mina ngiyakuthanda"

Baqabulane bahlezi kanjalo nezincwadi bathuke uNtwenhle makaphakamisa amehlo angakholwa aphelelwe namandla okusukuma. Asukume uScelo amusukumise angazi noma abingelele noma athini afake izandla esikhwameni abuye azikhiphe.

Scelo:"Ngiyaxolisa."

Ntwenhle:"Bhuti."

Kungene uBiyela noMduduzi bafice uMlungisi sekajikile wafana nohlanya kepha angakhulumi noBiyela makabuka lomfana ompunga ebusweni phansi kugcwele izincwadi noflour ashintshe.

Ntwenhle:"Baba Menziwa."

NoMduduzi abone kuthi uMlungisi akakhulumiseki ngeke aqale akhulume azithulele athi uzazibonela uNtwenhle uphuma kanjani la. Kukhale uMpilwenhle ngale egumbini uScelo uyafuna ukuya kuye kodwa kuzobangathi uyadelela ushiya abantu abadala balinde izimpendulo.

Mdu:"Ohk ngizoyobheka."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

Emva kwamalobolo nabakhongi sebadlile bahamba umndeni wasala wodwa, bomalume baziphuzela imbamba yabo ngaphandle bacula bagida bashintshanna bahlekana futhi. Kugide ngisho bo anti bomakhelwane nabo abajwayele beze kube mnandi kube njeya. UThemba uzihlezele nobabomncane wakhe naye ulokhu asukuma ubabmncane eyogida aphinde abuye.

Babncane:"Ndodana wenze umsebenzi omuhle ngokumisa umuzi kayihlo."

Themba:"Ngiyabonga baba."

Babncane:"Liphi lehlanya lentombazane yazi inkosikazi ibifuna ukuza wathi ngeke aseza ngoba bahlala belwa"

Themba:"Ningixolele baba ngiyakhumbula amthuka kodwa sesahlukana manje."

Babncane:"Kuncono mfanami ubungeke uwakhe uMuzi lapha."

Themba:"Nami ngagcina sengibona."

Babncane:"Ubani manje igama lakhe?"

Themba:”Igama labani?”

Babncane:”Lentombazanyane olokhu ubhekana nayo”

Ahleke uThemba

Themba:”Usho kuthi ubaba uyangibona nje?”

Babncane:”Uhlezi celeni kwami ngingahlala kanjani ngingakuboni ulokhu udla ishaladi.”

Bahleke angamuphenduli kodwa uyabona sekakhululekile ngoba uyahleka akazi nokuthi umawakhe ubaphethe ngayiphi ingevu. Amehlo mawahlangana azivale ubuso ngezandla uyamoyizela.

MaBaloyi:”Lungi unani umngani wakho elokhu ezishaya ngempama ebusweni?”

Ahleke uLungi angaphenduli.

MaBaloyi:”Aningitsheleke mantombazane basekhona abantu abaya emhlangeni, maningangilayela mina nginganiyisa khona"

Lungi:”Hayi mama uyabonake manje uyazi okwenzeka kimi.”

MaBaloyi:”Lokho asikusule ngathi akukaze kwenzeke ngikhuluma ngento eyenzeke uvumile sowenzile?”

Lungi:”Ngizohamba mina kumele ubuze boKholekile"

UKholekile ingane kababncane ohlezi noThemba ewuntanga wakhe.

MaBaloyi:"Ungaya Kholekile?"

Kholekile:"Hayibo mamkhulu hawu bengingaya kodwa akusenziwa."

MaBaloyi:"Sengiphendulekile kudala bavithiza abafana, wena cheesecake?"

Ucheesecake akezwa nokuthi bakhuluma ngani umoyizelelana noThemba amubuke umaBaloyi bese uyaphenduka ngokushesha afice uThemba naye uyamoyizela. Babhekane noLungile kodwa angasho lutho athule, asukume uThemba makabona ukuthi sekuyala. Eze kumawakhe.

Themba:"Ma antiza usekhona angithi?"

Anti:"Ngihamba kusasa mntanami"

Themba:"Kukahle ngizokubona mangibuya, Lungile nisahlezi?"

Lungi:"Abesefuna ukuhamba vele ngiyabonga bhuti bandla, mngani ngizokubona masengibuyile."

Sphe:"Kulungile nisale kahle ma nawe anti."

MaBaloyi:"Lungile fakela umngani wakho amakhekhe, ngikufakele imbamba sesi?"

USphe unamahloni futhi uhlonipha kakhulu angazi athini.

Sphe:"Ungayifaka ma"

MaBaloyi:"Kulungile sesi Lungi fake nembamba sesi."

Lungile:"Mama awume hawu udlala kabi."

Amubheke umaBaloyi

MaBaloyi:"Ezebhakaniya ziphi?"

Themba:"Ngiyabuya ma."

MaBaloyi:"Awungiphenduli ngithi mina ezimnyama ngenkani zikuphi?"

Ahleke uThemba

Themba:"Uhambile."

Mabaloyi:"Ukubo?"

Themba:"Eya ma.

MaBaloyi:"Kulungileke mawusho njalo uhambe kahle cheesecake ubuye uzongivakashela yezwa."

Sphe:"Ngizobuya ma nisale kahle."

Abuye namakhekhe uLungile amunike.

MaBaloyi:"Iphi imbamba manje?"

Bahleke bonke naye uSphelelo bahambe baye ngala apake khona imoto yakhe bagibele bahambe.

Themba:"Ukahle?"

Sphe:"Ngikahle yazi  angikaze ngibe sendaweni ekanje.

Themba:"Injani?"

Sphe:"Wonke umuntu ukhululekile kumnandi nje nabantu abadala banothando, usesi wakhe unomoya omuhle"

Themba:"Umama yena?"

Sphe:"Uyacalana yooo uyahlekisa ngiyawuthanda umndeni wakho."

Themba:"Mina uyangithanda?"

Sphe:"Eya hawu."

Aphendule abheke le ngokushesha noma bekamubona uThemba ukuthi uyamuthanda kodwa achazeke afise nokuzithokolela waqonywa asashele usuku olulodwa. Amise imoto eceleni aphumele ngaphandle avule umnyango amunike isandla kuthi aphume, asibambe makaphuma nje amuhage amuvalele esifubeni sakhe ngezingalo zombili.

USphe muncane asithele nje ngathi ume yedwa uThemba ujabulile kepha uthukile usenesoka.

Themba:"Ngizokunakekela uyezwa."

Sphe:"Ngeke udlale ngami?"

Themba:"Ngeke."

Amuhage futhi bangene  emotweni bahambe ulokhu uyamubuka la endleleni noThemba uyabona ukuthi uyamutshontsha.

Themba:"Khuluma."

Sphe:"Unomnyaka omungakhi?"

Themba:"Kubalulekile ukuthi wazi?"

Sphe:"Ngiyahalela ukwazi."

Themba:"Ngimdala Sphe."

Sphe:"Kakhulu?"

Themba:"Ngeke ubaleke mangikutshela?"

Sphe:"Ngeke"

Themba:”Mmmmmmm.”

Kukhale ucingo lukaSphe

Sphe:”Umama Themba wuuuu mhlawumbe ubaba sekabonile ohhhh uzongibulala"

Themba:”Luphendule uzwe kuqala.”

Aluphendule

:”UKUPHI?”

Sphe:”Ma.”

MaMkhaliphi:”Ungizwile ngithi ukuphi ngoba ngila kumamMakhulukhulu.”

Sphe:”Ngiyaxolisa mama kaSphe.”

MaMkhaliphi:”Lomfana uze naye ngifuna kumubona ngilinde wena manje kaMakhulukhulu.”

Sphe:”Kulungile ma.”

Aluvale

Sphez:”Umama uthi ufuna kukubona.”

Themba:”Kulungile.”

Sphe:”Hawu wavuma kalula nje awusabi.”

Themba:”Ngithukile kodwa ngeke kungisize ukuthuka, akukho esikwenzile okubi futhi.”

Ashayele ngokushesha baze bafike ayimise ngale komgwaqo.

Themba:”Hamba ngizokulandela ubaba makangaqhamuka"

Sphe:”Kungani ume kudenyana.”

Themba:”Ngikuthembisile nzwakazi ukuthi ngeke ngikubeke esimeni sokuthi ubaba ayokuhlolisa futhi"

Amoyizele uSphe aphume ahambe makafika ngempela umawakhe uhlezi nomamMakhulukhulu angene sekashalazela amubheke umawakhe.

MaMkhaliphi:”Uphi lomfana osokufundisa kuthi usiqambele amanga"

Akokode uThemba avule uSphe ngoba usasemnyango makangena khani amubona kahle namuhla. Lomfana osabeka kanje kepha ingane yakhe imuthathephi.

Themba:”Sanibonani bomama.”

MamMakhulukhulu:”Unjani ndodana,.”

Themba:”Ngiyaphila ma"

MaMkhaliphi:”Uzimisele ngani ngengane yami ngoba soyifundisa kuqamba amanga nje.”

Themba:”Ngiyaxolisa ma bekungasiyo inhloso kuthi ngimfundise amanga, umawami bekafuna ukubona umuntu ongixhophile kanti namuhla umndeni ubuphelele ngabona ukuthi ngisebenzise lethuba lanamuhla. Bengazi ukuthi ngizomubuyisa lingakashoni.”

Athule umama Sphe aphelelwe amazwi.

MaMkhaliphi:”Ingane yami angifuni iphazamiseke ungayoni ngoba kuzophoxeka ubabayo. Angifuni kukhulisa abantwana mina"

Themba:”Ngeke mama.”

Ancibilike umamakhe kepha elokhu eziqinisile

MaMkhaliphi:”Kulungile ungahamba.”

Themba:”Ngiyabonga nisale kahle.”

Aphume uThemba asale eshalazela amubone unina ufuna kulandela isoka lakhe.

MaMkhaliphi:”Hamba uyomuvalelisa ubabakho uye kabhuti wakhe ubuya kusasa, next time mawuqamba amanga ubobona izinsuku namuhla uMgqibelo akukho clinic esebenzayo.”

Sphe:”Ngibuye ngobani iskhathi ma?”

Amoyizele umawakhe

MaMkhaliphi:"Ngo7"

Amuhage aphume egijima afice uThemba sekathi ususa imoto amangale ayimise angene uSphe.

Sphe:"Singahlala kancane."

Themba:"Umama"

Sphe:"Ukuthandile akafunanga nje ukusho uthe ngibuye ngo7 ubaba akekho."

Amoyizele uThemba bahambe bayohlala phansi kwesihlahla sabo bexoxa....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWANTWENHLE🌼

Mlu:"Ngiyathemba awulindelanga ukuthi ngikubuze khuluma"

Babheke phansi bobabili

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU41🌼

KWANTWENHLE🌼

Mlungisi:”Ngiyathemba awulindelanga kuthi ngikubuze.”

Babheke phansi bobabili uMduduzi aqonde egumbini kuMpilwenhle.

Biyela:”Nkosazana kwenzakalani usuhlala nezingulube kwabampunga kanje, nani futhi.”

Ntwenhle:”Besifunda baba.”

Mlungisi:”Mina ngingene nifunda Mbali?”

Abheke phansi futhi uBiyela uyabona uNtwenhle uhlezi nowesilisa kodwa kuye akufiki indodakazi yakhe ingabe seyenza umkhuba futhi ubona nezincwadi phansi.

Amuvulele izandla uNtwenhle ayohaga ubabakhe uMlungisi abheke uScelo ngelinye iso elimenze wathuka, azibhekele phansi uScelo.

Biyela:”Ndodana yekela udadwenu phela kulesikhathi samanje bayaba bangani nabafana, futhi loku kuhle angimazi umfana omuhle kanje ingabe uyilabafana abazenza amantombazane?”

UMduduzi agegetheke aqhamuke sekaphethe uMpilwenhle.

Mdu:”Usho igay baba, uyilo kanye bengazi ukuthi nizomubona.”

Bahleke uMlungisi kuphela ongahleki.

Mlungisi:”Akuna gay la, indoda le.”

Ukhuluma ngentukuthelo.

Mdu:”Hayi bhuti ufuna ukusitshelani, baba khuza makazothi indoda le wabona kwenziwani.”

Biyela:”Uthi ngingamazi phela kudala ashayela  amatekisi lawa kukhulu okwenzekayo.”

Bahleke futhi uScelo akahleki yena uzithulele.

Biyela:”Lesdudla osiphethe esabanike kulethele la.”

Amunike uMduduzi

Biyela:”Ingane  kabani le Ntwenhle istumtum?”

Mdu:”Chomakie ungakhululeka ngiyacabanga nawe ufuna ukuyozifundela wedwa ekhaya.”

Axole uScelo adonse nomoya asuke aqoqe izincwadi uMlungisi ulokhu uyamubhekisisa, uyazibuza ukuthi umazelaphi phela kwakusebusuku mabaya emakhaya benoSambulo, kanti uScelo umubona kahle nje.

Mlu:”Nithi benifunda?”

Ntwenhle:”Besifunda bhuti.”

Mlu:”Angibuzi wena, khuluma benifundani?”

Amuphendule uScelo konke bebakufunda noma kuduma izinyoni kuMlungisi kepha abone ukuthi uyamukholwa.”

Mlu:”Ngikwazelaphi wena?”

Angafuni kukhuluma iqiniso uScelo ngoba usesukewamusaba ngokubababamba beqabulana.

Scelo:”Angazi bhuti.”

Biyela:”Nkosazana sifuna kukhuluma nawe.”

Ntwenhle:”Chomakie ngizokubona kusasa.”

Aphendule uScelo ngokukhulu ukuphoxeka lokhu.

Scelo:”Kulungile chomakie.”

UBiyela azinikinele ikhanda lakhe, uNtwenhle uyabona ukuthi akekho kahle manje uScelo.

Ntwenhle:”Baba besingakaqedi ukufunda.”

Mlu:”Manje uthi sihambe ngoba wena awukadeli kuqabulana nalomfana. Ntwenhle uvalela abafana manje wena wenze ngathi uyafunda.”

Asukume  uBiyela

Biyela:”Uthi kwenzeni?”

Mlu:”Tshela ubaba mina ngingene wenzani la, mutshele, sokwazi kukhuluma amanga wena.”

Biyela:”NTWENHLE?”

Ntwenhle:”Baba.”

Biyela:”Kwenzakalani la?”

Ntwenhle:”Besifunda baba.”

Biyela:”Ubhuti wakho uqamba amanga? Yikho okushoyo kimi lokho.”

Athule uNtwenhle akhiphe ibhande uBiyela aqonde kuye.

Mdu:”Baba ungakwenzi lokhu asikho isidingo mdala lomuntu.”

Biyela:”Suka phambi kwami wena.”

Mdu:”Ahh Mlu ngiyacabanga kube yiphutha usungaze umshayele ukiss owodwa nje.”

Mlu:”Awubabonanga wena kuthi bebenjani, mina ngicasulwa amanga lawa awaqambayo, ngiyazi mudala uNtwenhle mhlawumbe akusasiyo nentombi anginandaba nalokho akudokwe eligayelwe mina ngicasulwa amanga lawa abo.”

Sekayakhala uNtwenhle manje ubabakhe ufuna kuyofika kuye sekasindela uMduduzi, asuke uMlungisi athathe uMpilwenhle khona lapho osofeni. Ulokhu uyazibuza ukuthi uke wamubona kuphi lomfana ngoba akaqali kumubona.

Mlu:"Muyeke baba."

Biyela:"Lengane ngayizala nawe yini Mlungisi uzongitshela kuthi ngiyiyeke kusho wena ukuthi bebeqabulana lana. Mina ngimuthembile ngithi bangabangani yena ungibuka ukuhlanya."

Mlu:"Nami ngicasukile baba kodwa lokho akusho kuthi umushaye angibonanga kahle."

Mdu:"Kungenzeka bebebhekene emehlweni baba."

Amuthele ngesibhakela uBiyela uMduduzi adiyazele kube ngathi uyawa andlule uBiyela abambe uNtwenhle ngesandla aphunyuke awe uNtwenhle alale ngesisu, asondele ubabakhe amushaye kanye uScelo azifake endukwini.

Alale phezu kwaNtwenhle amufihle wonke uBiyela aqhubeke ngenduku. UMlungisi noMduduzi babhekane ashaye uBiyela aze aphelelwe amandla akhathale uScelo angasuki kuNtwenhle angakhali futhi. Kukhala uNtwenhle ngathi induku ibingena kuye. Eme uBiyela ababuke.

Biyela:"Wena mfana ungowakabani?"

Scelo:"NgingowakaHadebe baba."

Umuphendula ulokhu ulele phezu kwaNtwenhle.

Biyela:"Ntwenhle mawuqeda nje ukubhala ngikufuna ekhaya ngalelolanga, uyangizwa?"

Ntwenhle:”Eya baba.”

Naye uphendulela phansi  kwaScelo.

Biyela:”Nnxxxxx.”

Afase ibhande lakhe uBiyela afulathele aphume ngomnyango.

Biyela:”Niyahamba nina bafana noma nenzani, boNtwenhle sebanamasoka manje umhlolo wami lo.”

Basale bobhuti bakhe bababhekile belokhu belele, bangasuki uScelo unamahloni nje okubuka ubhuti kaNtwenhle owamusiza wamukhulula kuboNjeza benoSambulo manje lokhu. Masekuthulekile sekazitshela ukuthi babodwa.

Scelo:”Ukahle?”

Avume ngekhanda uNtwenhle azame kuphakama uScelo izinhlungu zila kepha asukume asukumise uNtwenhle nangu uMlungisi usekhona. UMduduzi uphume wayaphi nengani uNtwenhle ocabangayo ababheke uMlungisi.

Mlu:”Wena mfana ngikwazela kuphi?”

Abheke phansi uScelo

Mlu:”Phuma Ntwenhle.”

Ntwenhle:”Bhuti ngiyaxolisa kakhulu kepha ngiyakuthembisa akukho okubheke eceleni  engike ngakwenza naye.”

Mlu:”Phuma uyoxolisa kubaba noma umukise ingane kumawayo noma seyihlala la.”

Ntwenhle:”Ngicela ungamulimazi bhuti.”

Amubheke ngeso elithi ngeke ngikhulume into eyodwa kaningi aphume uNtwenhle asale angazi azenzeni uScelo.

Mlu:”Iqale nini lento eniyenzayo ninosisi wami?”

Scelo:”Asikaqedi nesonto bhuti.”

Mlu:”Lalela la ngeke ngihlale la ngenze ingxoxo nawe ngingakwazi, ngizokutshela okukodwa vo uyangizwa.”

Scelo:”Ngiyakuzwa bhuti.”

Mlu:”Umugade ngempilo yakho ngoba wafika ekhaya engasaphelele noma elimele noma ini ngizoqonda kuwe, ungakwenza lokho?”

Scelo:”Yebo ngingakwenza.”

Mlu:”Inkosazana kababa leya ngisho ishashaza abusweni bakhe ubaba uyalima"

Scelo:”Yebo bhuti.”

Mlu:”Uyamuthanda noma uyandlula nje?”

Scelo:”Ngiyamuthanda.”

Mlu:”Ngiyabonga ukuzwa lokho.”

Scelo:”Ngiyaxolisa futhi kakhulu nginamahloni ngalento oyibonile angisuye umfana onjalo mina.”

Mlu:”Lengane le eyenu?”

Ahlahle amehlo uScelo.

Mlu:”Ingabe lengane eyenu na ngoba nakhu sivele siyithande sonke kanye nobaba?”

Scelo:”Cha akusiyo.”

Mlu:”Asiqambelani amanga la ngingumuntu ozwisisayo kepha amanga ayangicasula. Ngizokubuza kokugcina ingabe lengane eyakho noNtwenhle na?”

Scelo:”Eyami akusiyo ekaNtwenhle.”

Mlu:”Unengane encane kangaka kodwa usufuna kuba nomunye owesifazane ohhhhh.”

Anikine ikhanda uMlungisi.

Mlu:”Namanje uzama kumuvikela uNtwenhle ube  nengane wangasho ekhaya, kodwa ngiyayithanda indlela omulekelela ngayo nengane.”

Scelo:”Bhuti akus..”

Mlu:"Ukhumbule ngitheni kuwe awulimelanga?"

Scelo:"Ngithemba kanjalo."

Mlu:"Ubaba uzobuya nganeno ungakhathazeki kodwa wena uzikhuthuze deep emaphokothweni ngoba mzukwana ubaba abona ukuthi umzukulu wakhe lowaya uyokuhlawulisa konke onako."

Athule uScelo ngoba akakhoni nokumutshela ukuthi akusiyo ingane kaNtwenhle le nendaba yemali uzwa uyathuka ngoba akanatho nje unguye.

Mlu:"Kulungile Bhungane."

Aphume, uNtwenhle unele kubona ubhuti wakhe ephuma kwiflethi wathatha uMpilwenhle kuMduduzi wabuyela ngejubane emuva, wangaba nandaba ukuthi uMlungisi uzothi ujahe umfana.

Afike avale akhiye manje aye kuScelo sekasegunjini abeke uMpilwenhle phansi ayomuhaga. Beme kanjalo abuye amubheke uScelo amusule izinyembezi.

Ntwenhle:"Ukwenzeleni kodwa lokhu?"

Scelo:"Ubabakho uyashaya bekazokwenzani kodwa phambi kwami?"

Ntwenhle:"Ngiyabonga."

Bahagane futhi abuye amuyeke ayofaka amanzi ashisayo abuye nawo endishini encane.

Ntwenhle:"Lala ngizokuthoba."

Alale ngesisu elokhu ekhala makamuthoba aze amuqede bangene engubeni bobabili bengadlanga benjalo. Kukhale ucingo lwaNtwenhle abone kuthi ubabakhe asheshe aluphendule uthukile.

Biyela:"Umamakho uthi ufuna lowosaka liyasha wakho mawuqeda ukubhala uze naye."

Angalindi mpendulo umntomdala aluvale.

Ntwenhle:"Ubaba akakhonanga nokulinda aze afike ekhaya sekavele watshela umama ngawe uthi kwamele ngize nawe."

Scelo:"Ngaze ngazifaka ukuthanda amaqanda kodwa"

Ntwenhle:"Ubiza mina ngeqanda? Wake walibona iqanda lishawa."

Scelo:"Ubabakho uyanemba yooooo."

Ntwenhle:"Ngiyakuthanda uyezwa."

Scelo:"Nami ngiyakuthanda."

Ntwenhle:"Utheni usomatekisi?"

Scelo:"Ithi ngilale kancane sthandwa sami, ngoba  kusamele ngisome nasebusuku ngapha ngishayiwe ngivuvuke yonke indawo nje."

Ahleke uNtwenhle..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UBiyela makahamba athatha omunye  umgwaqo amadodana akhe ahamba ngenye indlela nawo, uMduduzi walanda uLungile kuqala base bashiya uMlungisi efulethini likaSambulo. Bahlezi emotweni  bobabili emgwaqeni wakhabo Lungile.

Mdu:"MaBiyela."

Lungi:"Weeeeee bekulobola uMduduzi konje."

Mdu:"Kube uthi baba ngicela uphinde."

Ahleke uLungile

Mdu:"Hhey namuhla ngibone omunye umhlolo."

Lungi:"Uboneni."

Mdu:"Namuhla siye kuNtwenhle phela."

Lungi:"Kuthumbu kababa."

Mdu:"Hey safica uthumbu kababa adonsile."

Amuxoxele konke nokuthi ushayiwe."

Lungi:"Ohhhhhh uyazithandela  pakithi."

🌼

Mdu:"Ngimuthandile kodwa nami."

Lungi:"Manje bekashawelani?"

Mdu:"Angazi mina ungikhuze masengishaya izintombi zaboNduduzo."

Lungi;"Bayobe beshawa yimina."

Ahleke uMduduzi

Mdu:"Asenze ukungezwa phela, sishade."

Lungi:"Abadala bangazi?"

Mdu:"Yebo bangazi."

Lungi:"Asishade."

Mdu:"Ngempela uyavuma?"

Lungi:"Ingani sicelile isthandwa sami."

Mdu:"Wena ngiyakuthanda yazi."

Amudonse baqabulane eside iskhathi…

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHHABO T🌼

ISIQEPHU42🌼

KWAMAMKHULU🌼

Noku:"Mama angikholwa namanje, kodwa lento kudala yazicacela nje."

Sambulo:"Kudala yithina besingafuni ukubona."

Mamkhulu:"Ngiyaxolisa zingane zami kakhulu futhi."

Noku:"Akukho okushintshile sesizathi sikhalelani sisebandawonye kuhluke bomama kuphela."

Sambulo:"From mommy mthakathi to mommy mthandazi."

Bahleke.

Mamkhulu:"Ningaqali anizwa nina."

Noku:"Manje mama vele wena nje ninoButhelezi ninje."

Bahleke futhi

Sambulo:”Nobaba umubonile naye sekakhukhumele ngiyasho ngenhliziyo kuthi buka ikhehla amabhantshi sewagcwele uthando.”

Noku:”Kanti bewagcwele izinhlamba.”

Bagegetheka futhi.

Nelisiwe:”Akeniyeke ubabenu.”

Noku:”Nawe ma soyamumela sekuyithi abojakalasi.”

Asukume uNokubonga alungisele iphimbo likamawabo.

Noku:”Thula noma uphume ngalomnyango manje.”

Sambulo:”Hhey nami ungigwajisile ndoda..”

Noku:”Kube uphumile abezojike akhale futhi.”

Ahleke umawabo bakhumbuzane izindaba zakudala. Babuye baxoxe ngoBonga nangokuhlanya kwakhe.

Sambulo:”Bengiqala ukuzwa ukuthi ubunomunye udadewenu ma, futhi ngathi benikhonzene.”

Nelsiwe:”Yebo yena mudala kunami washada nomuntu owayehloniphekile nje umama amuthanda, waba namadodana amabili, ngathi ngikhulelwe uNokubonga wanyamalala. Samufuna sadela wangatholakala. Isipho sami sangihlanganisa naye emfuleni.”

Noku:”Hawu ma kanti waba nezingane zona kungani ningazange nizithathe?”

Neli:”Ubababo wayebathanda kakhulu kabi labo bantwana, kwathi masebakhulile kancane kodwa wabonakala sekathandana  nomngani kasisi. Ngikhumbula ngiye khona mangifica uNontombi saxabana nosbari. Into eyayingichaza wayezithulela makasephutheni, sekavuma futhi nokunginika amadodana akhe.

 Wavela umfazana wakhona kwaliwa ngaze ngabizelwa amaphoyisa. Kwaba ukubagcina kwami ngathi mangibuyela emva kwenyanga base bethuthile futhi ngabona nje ukuthi ilowa mthakashana ngoba wayesekhulelwe.”

Sambulo:”Umuntu ukube unomndeni ongakanani nje, kumele batholakale ma. Ngizocela uMlungisi angisize cha sizobathola.”

Noku:”Kumele batholakale ngempela ma.”

Neli:”Ngihlala ngibacabanga nje okumangaza kakhulu indlela engikhona ngayo kusiza abantu ngibakhiphele izimfihlo ezinzima mina angikhoni ukusiza umndeni wami. Njalo ngiyawabiza amagama abo kuvele kuthuleke kungaveli nto.”

Noku:”Cela lenceku ethathe isoka lakho kungenzeka abone ubonakala enamandla."

Sambulo:”Ufuna ukulokhu ubukene noJJ wena ungicasule kabi.”

Noku:”Uyangisukelake Sambulo.”

Sambulo:”Ngikubonile.”

Noku:”Mina bengimubukele ukucishe afane nomama.”

Sambulo:”Yena abekubukelenike ngoba benibhekene.”

Noku:”Mhlawumbe abemangalele ukuthi ngimubukani, usho ukuthi bengimubuke kangako?”

Sambulo:”Yebo nginesiqiniseko noMlungisi ukubonile.”

Neli:”Yingakho angakushayeli kaningi namuhla.”

Noku:”Impela uqinsile yazi ma bengizibuza ukuthi kwathuleka nje ngize ngicabanga ukuthi unginika isikhathi nomawami.”

Athathe ucingo lwakhe amushayele lungaphendulwa athuke kakhulu uNokubonga.

Noku:”Ngicela ungiphelezele Sambulo.”

Sambulo:”Hayi Nokubonga uyabona sekusebsuku manje uzokhawula nawe ukubukana namanye amadoda.”

Neli:”Ngimubonile nami uhambe engemnandi kahle, Sambulo phelezela usisi wakho.”

Sambulo:”Bese mina ngilalaphi makalokhu axolisa bazongibangela umsindo.”

Neli:”Kanti uzobe ememeza makachazela umyeni wakhe ukuthi abeyibukeleni enye indoda.”

Aambulo:”Kwazi bani kuyophelela kuphi.”

Noku:”Sies Sambulo hawu ngiyakucela, ngizokwenzela ujeqe lo owuthandayo masesamba.”

Sambulo:”Sengincengwa ngojeqe mina, futhi imoto ihambe nabo asinayo.”

Neli:”Thathani leveni.”

Sambulo:”Yiphi le enakhandela kuyo uBonga ngiyabonga mina.”

Bahleke

Neli:”Sambulo sukuma ulokhu ukhuluma into ongayazi.”

Sambulo:”Noku wena  awumuzwanga umama utheni esokeni lakhe?”

Noku:”Ngimuzwe kahle uthe uyakhumbula kwenzakalani evenini wase uyahamba Mkhulile.”

Neli:”Niyabheda nina hambani.”

Bathathe ukhiye bahambe umawabo asale akhiya emnyango akhuleke qede alale.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

UBiyela wafika inkosikazi yakhe imulindile makangena yedwa abonise ukuswaba.

Biyela:”Hawu ubungafuni ngibuye na wangangijabulela nje?”

MaBiyela:”Baba bengicabanga ukuthi nizobuya noLungile nabazukulu bami.”

Biyela:"Hawu phephisa nkosikazi."

MaBiyela:"Ubabonile bona?"

Biyela:"Ngibabonile engikunakile kulela khaya  banothando bayaphila nkosikazi."

MaBiyela:"Ngiyabona nixoxe kahle."

Biyela:"Kahle kakhulu nabazukulu bakho bajabulile lo omdala uLungile sekaze ume igama."

MaBiyela:"Uthi ngubani?"

Biyela:"Sphiwosethu."

MaBiyela:"Mmm laze lamnandi baba kumele sithole indlela yokuvala leqiniso lingaveli kwanhlobo, labantwana bayathandana."

Biyela:"Bayathandana ndlovukazi yami bayangithusa, ngeke ngimangale manje mangabe bandawonye la ebakhona."

MaBiyela:"Imoto yakho mayingena bengikhuluma nabo vele bobabili bandawonye."

Biyela:"Nazi izingane nkosikazi, nakhu okunye."

MaBiyela:"Asiqede eyakaMduduzi kuqala baba."

Biyela:”Ngizokhuluma noNtombela ndlovukazi asisize, futhi ngibona kuthi bashade ngokushesha makuvela babe sebabophene emoyeni.”

MaBiyela:”Hhey Bawo ngenelela usisize uvikele nengane yami. Uthi yikuphike okunye baba.”

Biyela:”Lomfana engimufice noNtwenhle.”

Amoyizele umaBiyela ngoba uyazi umyeni wakhe akafuni ngendodakazi yakhe futhi ubona lokho sekakwenza kuGabsile yize ekhulile.

Biyela:”Kukhona okuhlekisayo ndlovukazi?”

MaBiyela:”Baba uNtwenhle mudala ukuhloniphile ukwenzile konke okufunwa umzali asimudedele manje.”

Biyela:”Ngiyazi mama kepha kunzima ingane yami leya loku komfana kuzomuphendula ngathi wenza amaqanda kumuphendule hhayi akuvumi.”

Ahleke umaBiyela aze aqethuke

MaBiyela:”Nawe wayiphendula indodakazi yomunye ubaba, ucabanga ukuthi wayezizwa njani. Unamadodana futhi aphendula ezinye izingane zabantu ikakhulukazi uMduduzi hhayi. Yeka ingane bayiphendule ijike ikubuyele nobufakazi bokuthi isiyaphendulwa.”

Biyela:”Ubufakazi obunjani?”

MaBiyela:”Isisu phela esinengane.”

Biyela:”Anganya makamuthanda abathandane kepha bangadlaleli embhedeni.”

Ahleke futhi umaBiyela.

Biyela:”Kodwa ungenzele, ismanga lomfana ngikhiphe ibhande ngifuna kuqeqebula lamathangana akaNtwenhle abengaphandle, okomfana kwangena esibhaxweni azange ngimuthole uNtwenhle. Ngishaye ngakhathala ngabona ukuthi kuzofa mina phela la sengiphefumulela phezulu."

MaBiyela:”Hawu kodwa baba nawe yekela ingane.”

Biyela:”Akalobole ngifice uswane lapha ngihamba la endleleni ngiyazibuza ukuthi akusiyo ingane kaNtwenhle nje lena.”

MaBiyela:”Uyazi washo njalo mangikhuluma noNtwenhle kuhlala kunomsinjwana wengane, phela makasifihlele ingane uzobe uyeyisa. Akalethe ingane yena aqhubeke afunde.”

Biyela:”Ngathi bayafundisana nalesokana lakhona, kodwa nalomfana muhle angibathandi abafana abahle kanje.”

MaBiyela:”Usho ukuthi uzodlala ngengane yethu?”

Biyela:”Yebo, sondela phela ndlovukazi ngithi manca nanti igazi ligijima ngomsipha seyidingwa ukululwa lemisipha, ngilaphe dokotela wami.”

Amoyizele umaBiyela uthinteka kwamancane.

MaBiyela:”Asambeke ngiyokulapha ngilule nalemisipha ehluphayo.”

Kungene uGabsile basathi bayahamba.

Biyela:"Nkosazana wahawula nje mntanami."

Abheke phansi uGabsile umaBiyela amoyizele.

Gabi:"Ngicela ukuhamba baba."

Ashintshe uBiyela.

Gabi:"Ngiye emuva."

Biyela:"Ulandela lesoka lakho?"

Abheke phansi uGabsile

Biyela:"Kumele azokwenza kahle lomfana wena uyinkosazana akumele azenzele umathanda."

Gabi:"Baba."

Biyela:"Cha ndodakazi."

MaBiyela:"Hawu kahle baba vumela ingane azikho zonke izingane yena umuvalele la. Akukho okubi makakhumbule isoka lakhe sonke siyalazi futhi limugadile. Kwawena kumele ulungise umsipha kahle njalo ngoba bengekho ungaphazamiseki."

Amoyizele uBiyele

Biyele:"Kulungile sekakhulumile umawakho usuku olulodwa bese uyabuya."

MaBiyela:”Weeeeee nkosi yami udokotela wena uzobe sekaqedile ngawe ngosuku olulodwa nje ngalomsipha"

Aphinde amoyizele uBiyela.

Biyela:”Uzokutshelake ummeli wakho ukuthi uhambe isikhathi esingakanani, zonke lezinsuku ungilule imisipha kahle.”

MaBiyela:"Hawu usho khona baba., mntanami izinsuku ezintathu.”

Biyela:”Izinsuku ezincane kangaka, iviki lonke nkosazana.”

Ajabule uGabsile abonge noma angayiqondi indaba yokumukiswa kudokotela nokusizwa imisipha kepha ujabulela ukuthi uyahamba. Ngeke amutshele noSambulo wakhe.”

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

SPHELELO🌼

Sengijahile ukuqeda isikole ngizokwazi ukuba noThemba njalo nje, ngiyamuthanda futhi ubukeka ezonginakekela, nakhu akafunanga ukuthi ngibuye ebusuku. Makaduzane nami amathumbu adlala amaback flip ngenye indlela. Ngiyamuthanda uThemba ingabe uneminyaka emingakhi ngoba akafuni ukungitshela. Uyabonakala ukhulile yena uma makamamukele ngixolile phela umama kuphela komuntu owazi ukufunda into umuntu ayiyo.

Uhlala atshela uBabalo ukuthi lomuntu wakho uyabheda uzokushiya nengane vele kube njalo. Ngisho nabobhuti bami uyabatshela ngabangane abangekho kahle.

Mama:"Sidle ukudla okushileke thina ngoba wena umoyizelela ibhodo ungalibondi, kwangilaya ukuqoma."

Ngithuke sengikhamsile ibhodo livuliwe ngilobonde ngilivale kahle, mangithi ngiyafulathela.

Mama:"Hhey buya uzohlala la."

Ngiyazi ungibizelani nje akukho okunye ngibe namahloni ngiyohlala phansi. Angibheke ugcwele kumoyizela kepha angahleki.

Mama:"Lomuntu umuthathephi?"

Mina:"Muphi ma?"

Mama:"Ungazongenza islima uyazi ngikhuluma ngamuphi."

Mina:"Ilo owangisiza ngenkathi kuphela amatekisi edolobheni."

Mama:"Ngokushesha okungaka asikaqedi nalokudla obuyokuthenga wena usumqomile."

Mina:"Hawu mama."

Mama:"Ngiyabuza ngane yami phela kumele ngibone."

Mina:"Ngihlulwe uthando ma."

Mama:"Uneminyaka emingakhi?"

Mina:”Mama hayibo.”

Mama:”Ungangiphendulike mawungafuni kukhona esenikwenzile.”

Mina:”Asikalwenzi ucansi ma ngisho nokuqabula ungakhathazeki.”

Mama:”Uyazi angithi ubabakho uzizwa njani ngezindaba zokuba nesoka.”

Mina:”Ngiyazi mama.”

Ma:”Ungangiphoxike mntanami ngiyakuthemba.”

Mina:”Ngeke ma.”

Ma:”Ngithembise ungitshele uma usufuna ukwenza”

Ngibheke phansi nangu umama bo.

Mina:”Mama.”

Ma:”Ungangimami la ungitshele.”

Mina:”Ngeke ngilwenze ma ngizolinda alobole.”

Ma:”Wena uhluleke nokumyeka akujulukele okungenani kuphele ukudla owawuyokuthenga manihlangana, uzongixolela angikuthembi ukuthi ngeke umungenise esibayeni sikababakho.”

Ngiveke izandla zami phambili ngibheke phansi.

Ma:"Nawu umhlolo wami yeheni weSphe."

Mina:"Buka izinto ozenzayo ngokukhulunywa ngegama lakhe nje, uzibambelani lapho."

Mina izandla zami angizazi zinani zivele zizihambela ngingazithumanga.

Ma:"Kwenzanjani lapho ubambe khona?"

Mina:"Lutho ma."

Ma:"Uyamuthanda lomfokazi, nami ngimuthandile kodwa uzigade."

Mina:"Ngizozigada ma."

Ma:"Siphakele sesi."

Mangisukuma kungene uThamsanqa azolunguza emabhodweni.

Ma:"Hayisuka wena lapho unani."

Thami:"Ngiyakuthanda nami mamami ."

Ayomuqabula esiphongo umama asukume uThami uziphilela impilo yakhe nje kepha mina naye siyazwana siyaxoxa futhi. Naye unokuzenza ubaba kodwa ukwenziswa uthando nje analo ngami. Uyathanda ukudlala ngomama makamuthethisa njengoba aqeda ukwenza nje, umama makasithela asondele kimi.

Thami:”Ngizwa kuthiwa kunemoto yezimanga obonakala kuyo.”

Mina:”Ukuzwa kuphi lokho?”

Thami:”Ikhona noma ayikho?”

Ngiqhubeke ngiphake angibheke ngingamunaki.

Thami:”Phendula.”

Ngiqhubeke ngiphake mangithi ngifaka iphalishi esitsheni asisuse ngiphakele phansi.

Mina:”Thami kanti unani angazi ukhuluma ngani butha lepapa elakho futhi.”

Thami:”Awuboni ukuthi isitsha sababa lesi esichithile.”

Mina:”Ncono ngoba uyamazi akafuni ukudla kuchithwe angangena la, butha.”

Azwakale sekakhuluma vele ngaphandle selokhu ahambe izolo sibhekane uThami agijime ayokhiya emnyango akhiphe isikhiyo mina sengihle ngiyalicosha phansi. Akokode noThami asondele silibuthe lonke.

Thami:”Ngichithele kuphi ngoba uzobona?”

Mina:”Thami vula umnyango.”

Baba:”Hayibo kwenziwani kanti emzini wami ngakhiyelwa nje.”

Ma:"Thamsanqa vulani umnyango sokhiweleni ubabenu uyothetha kuze kuphele unyaka."

UThami athele lephalishi phakathi kwebhulukwe ngihleke avuleke umnyango sisatatazela, ohhh uvule ngesakhe.

Baba:"Nikhona nibhekene emehlweni ngiyakokoda anivuli."

Thami:"Besingasiboni isikhiyo baba."

Baba:"Uphi unyoko?"

Ma:"Ngingapha baba."

Baba:"Kulungile  nkosikazi ngiyeza."

Makathi uyaphuma uThami amuvimbe ubaba ngiphelile uhleko phakathi. Naye uThami uyahleka ubheke phansi. Phela ubaba angabhekisa konke phezulu afice ukudla kuchithekile.

Baba:"Hlala phansi ndodana vele ngifuna kukhuluma nawe."

Akafuni kuphikiswa anjalo ubaba ahlale uThami sibhekane.

Baba:"Usakhumbula lento esake sayixoxa mayelana nendaba yakwaSibeko ndodana?"

Thami:"Baba angifune kushada mina, futhi mangifika kulelozinga lokushada ngizozikhethela."

Baba:”Thami yicabange kahle lento ndodana indodakazi kaSbeko izokuphatha kahle uyamubona nawe uyahlonipha.”

Thami:”Ngiyazi baba uyahlonipha kepha angimuthandi.”

Baba:”Yini ongeke wayithanda lapho kuNkanyezi?”

Thami:”Mubi angimufuni.”

Ahleke umama ngale endlini yokuphumula nobaba aze amoyizele.

Baba:”Akukho umfazi okuthiwa mubi Thamsanqa.”

Thami:”Kodwa lowaya mubi ngicela ukuya endlini encane.”

Baba:”Khululeka ndodana waze wangihlula namuhla.”

Ahambe ayobingelela inkosikazi yakhe aphume uThami aze acishe kushayisana noSmanga.

Smanga:”Bheka la ohamba khona.”

Angamunaki aphume uThami yena angene endlini, kukhale ucingo lwami mangilubheka uThemba ngimoyizele angibheke uSmanga. Sengiqedile ngibabekele okwami ngikuvale sengijahe kuyokhuluma nesthandwa sami.

Ngiye egumbini lami mangiqeda seluthulile ngilinde angashayi futhi ngisale ngigeza mangisazigcobisa nje lukhale futhi ngizivale ngaphambili ngoba wenza ivideo call.

Mina:"Sawubona."

Themba:"Nabu lobuso unjani nzwakazi?"

Mina:"Ngiyaphila."

Themba:"Mina ngikukhumbulile."

Mina:"Nami kunini ngikucabanga namuhla"

Themba:"Sphe umuhle wakhazimula kangaka."

Mina:"Ngiqeda kugeza."

Themba:"Umuhle sthandwa sami."

Mangithi ngibheka phansi.

Themba:"Ungazivali ubuso uzowisa ucingo."

Sihleke sobabili

Themba:"Uzolala nini?"

Mina:"Mangiqeda kugeza izitsha."

Themba:"Ngicela ungitshele masolala ngifuna kuxoxa nawe uze uzumeke."

Mina:"Kulungile."

Themba:"Mina ngeke ngikhone cabanga angikubonanga namuhla kuphela kodwa ngikukhumbule isimanga."

Mina:"Nami bengilokhu ngifisa kuthi ungaqhamuka."

Amoyizele.

Themba:"Ulungise izimpahla ngempelasonto ezayo ngifuna ukuba nawe, angithi uthe uyaqeda ngoLwesithathu?"

Mina:"Yebo ngiyaqeda, kodwa ngizothini ekhaya."

Themba:"Ngizocabanga okunye."

Mina:"Kulungile."

Themba:"Ungakhohlwa kungitshela masolala sizokhuluma futhi."

Mina:"Kulungile."

Sivalelisane ngiphume sebaqedile ukudla uThami sekagezile khani adlala uhlezi yedwa ekhishini, nami ngithathe ukudla kwami ngiyohlala naye.

Mina:"Aphume wonke amaphalishi."

Sihleke

Thami:"Ubani lomlisa wemoto?"

Mina:"Ubuqinsile isoka lami."

Thami:"Abantu bezimoto bathanda izingane ezincane badlale ngazo Sphe ungavumi uyezwa."

Mina:"Ngeke khululeka."

Thami:"Ngiyakwazi uhlakaniphile ungalungiseli usisi."

Mina:"Ngingakwenza kanjani lokho ubaba ahlala angihlolisa."

Thami:"Ungayikhulumi leyonto ubaba uyangicasula ngaleyonto noma ngithula nje iyanyanyeka."

Mina:"Sekaphoxeke kakhulu."

Thami:"Ngifuna kumbona komlisa nizobonana nini futhi?"

Mina:"Ungamudeleli bhuti."

Thami:"Ngeke lowaya engangimudelela ngabona ukuthi uza ngezibunu ufuna kuzomosha wenza kahle wangamuqoma."

Mina:"Ngacishe ngamuqoma kodwa."

Thami:"Yingakho ngangimudelela, lo angikamazi kepha indlela ongayo ngiyabona uyamuthanda."

Mina:"Ngiyabonga."

Aqede asukume afake amanzi nakusinki sigeze izitsha ndawonye."

UThami ukanje ngisakhona kuxoxa naye, ungigadile kwasesikoleni nje abengigada noma aphinde abhede ubhema nensangu. La endlini uye angisize ngisho nokuwasha...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UNokubonga wafika kwaSambulo behlika wamuvulela.

Sambulo:"Ngiya kaThemba mina angakubulali lo."

Ahleke uNokubonga angene ajike uSambulo akhiye, uyalazi igumbi likaSambulo angayi kulo ayongena kwelinye angamufici, avule kwelinye amufice abheke phezulu ulele kepha akakakhumuli izimpahla zakhe.

Akacishanga  nogesi azibuze ukuthi ukhona kanjani kulala kukhanya. Asondele agibele phezu kombhede avule amehlo uMlungisi amangale aphakame ahlale ngezinqe.

Noku:"Mgazi ulele kukhanya."

Mlu:"Ngizumekile."

Amubone nje ukuthi akajabulanga phela kube ukahle ngabe sekayamuqabula.

Noku:"Ngiyakushayela awuphenduli kungani?"

Mlu:"Uzongibuza lokho?"

Noku:"Ngizokuhlola ukuthi ukahle na?"

Mlu:"Angikho kahle."

Noku:"Kungani nkosi yami."

Mlu:"Kunento engibone uyenza kulowaya mngani kaSambulo angikhoni ukuqonda noma nike nathandana noma ini kepha angithandanga lokubukana kwenu. Worse ukwenza phambi kwami."

Adonse umoya uNokubonga manje sekathukuthele uMlungisi ngokushesha.

Noku:"Ngiyaxolisa Mgazi asikaze sithandane bengiqala nokumubona."

Mlu:"So it was love at first sight wangakhona nokuzikhuza, yazi ubonwe nawuMduduzi. Ngizizwa njengeslima manje."

Noku:"Mina bengimangazwa ukufana kwakhe nomama."

Mlu:"Ungazongenza isilima Nokubonga."

Noku:"Ngempela sthandwa sami ucabange uzoyibona lento engiyishoyo, ngimubukile ngabheka umama ngaphinde ngamubuka futhi. Ngeke ngikwenze leyonto akukho ndoda engiyibhekile ngaphandle kwakho."

Mlu:"Yena abekubhekelenike naye umufanela nomawakhe."

Noku:"Mlungisi please."

Mlu:"Ngifuna ukulala ngicela usuke."

Noku:"Ngiyakucela myeni wami, ucabanga ukuthi indlovukazi yakho ingakwenza lokho.."

Mlu:"Nakoke phela uyazi kungani ungifice nginganamuntu, yingoba amasimba angizwani nawo ayanginukela. Mawuzongenzela amasimba mina ngiyashesha ukusuka kuwe namanje unenhlanhla ngiyakhuluma nawe nxx."

Abheke phansi uNokubonga abecabanga ukuthi kuzobalula uMlungisi udinekile aphelelwe nje kuthi athini ngoba lento amutshela yona iqiniso alikho elinye. Avuke acishe akhumule angene engubeni amuyeke elokhu ehlezi lapho.

Naye akhumule angene engubeni umufulathele. Ameqe aye ngaphambili kuye amubambe.

Noku:"Mgazi nami bengizothukuthela kepha bengizokholwa lokhu okushoyo ngoba awukaze ungenzele into engangiphoqa kuthi ngingakuthembi. Wena lento oyenzayo manje ubonisa ukungangithembi ngathi uke wangibambe ngifeba, uhlulela uthando lwami kuwe nokuthembeka kwami ungizwisa ubuhlungu Mgazi. Ngicela ungithembe sthandwa sami buka namanje ngize ngikufisa noma ungithukuthelele ngathi lentukuthelo yakho ungayisebenzisa manje ekudleni kwakho lakimi ngoba uy......"

Angasaqedeli uNokubonga amugxavune ngezindebe amuqabule.......

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU43🌼

UGabsile wavuka  walungisa besekazibhukhele nendiza, uhle waphuma egunjini lakhe nesikhwama ekuseni sekaqedile. Abazali bakhe abafice baphuza itiye babhekane nangu umuntu sekazohamba ngathi uxoshiwe.

MaBiyela:"Mntanami ekuseni nje."

Gabi:"Ngithole indiza ehamba ngo10 mama."

Biyela:"Hawu mntanami wangizwisisa ubuhlungu manje."

Ayohaga ubabakhe amubheke uGabsile

Gabi:"Yazi mangiqeda kuthola ukuthi uButhelezi akangizali nokuthi wawufuna ukungibulala ngakuzonda."

Adangale uBiyela.

Gabi:"Ngempela benginemibuzo eminingi kodwa ngathi ngingakubona kwazenzakalela baba ngakuthanda. Yonke intukuthelo yazinyamalela ngokwayo ngazizwa ukuthi ngisekhaya mina. Namanje mawungalela ukuthi ngihambe angikhonanga nokuthukuthela ngivele ngachazeke kuba nomzali ongafuni ngami. Ngiyahamba manje kodwa ngizobuya ekhaya."

Abe noncumo uBiyela

Biyela:”Buya la kubaba.”

Bahagane futhi

Biyela:”Ngiyabonga  nkosazana yami ngiyabonga, ngibusisekile ngawe naMenziwa ngiyabonga.”

MaBiyela:”Ngaze ngabanomona ukuthi awuvundlanga kwesami isibeletho.”

Amoyizele uGabsile

Gabi:”Hayibo kahle ma ngathi ubungifukamele kangaka kube bekomunye bengeke angivumele nje ngisondele kubaba. Nawe uthando lwakho ngilubonile ngiyabonga ukungamukela ekhaya.”

MaBiyela:”Kulungile ngane yami.”

Biyela:”Ngizokumukisa mina esikhumulweni sezindiza.”

Asukume alande bokhiye avalelise baqale bashiye umaBiyela esitolo avule bona bahambe, la endleleni.

Biyela:”Ndodakazi.”

Gabi:”Ba.”

Biyela:”Unjani umaNdlovu?”

Gabi:”Selokhu ngazi iqiniso angikamuboni.”

Biyela:”Ngobani.”

Gabi:”Baba angikhoni ukuzwisisa ukuthi kungani umama anikela ngami kulabantu ukube uSambulo abengomunye umuntu naye kusho ukuthi manje kube ngiyisigqila socansi.”

Biyela:”Iphutha elami nkosazana mina bekungamele ngimuthumele ngabantu. Lento ayenza ngiyacabanga unezizathu zakhe mina engikwaziyo wakuphephisa. Uyazi ukuthi ngathumela abantu babelokhu bemuzingela. Bamufica la ayecashe khona ebeletha. Umawakho wasukuma asezinhlungwini enjalo wabaleka wayocasha. Azange bamuthole ngicela uyomubona nkosazana. UmaNdlovu engimaziyo azange azenzele kukhona okwamuphoqa.”

Abheke phambili uGabsile

Biyela:”Ngiyakucela nkosazana uhambe uyomubona.”

Gabi:”Ngingakubuza okuthile baba?”

Biyela:”Buza"

Gabi:”Ingabe usamuthanda umaNdlovu na?”

Athule uBiyela isikhashana

Biyela:”Wena uyafana noNtwenhle uvele uphahluke nje ubuze isigede sendaba.”

Athule futhi amubheke abuye abheke nasendleleni.

Gabi:”Umama ulungile baba ungamuphuli umoya.”

Biyela:"Azange sithandane sinomawakho kwakuwukuganga nje ngane yami, kepha manje ngoba sengidibene nawe. Yize ufana nami kakhulu ngibona yena ekwenzeni kwakho, ukukhulise kahle."

Gabi:"Vele ngikhuliswe nguyena kanye noSambulo, awukangiphenduli baba."

Biyela:"Sengimudala nkosazana angisenayo inhliziyo yokugijima, cabanga nje amadodana ami angathini nje."

Gabi:"Baba phendula umbuzo."

Bamoyizelelane

Biyela:"Angimuthandi nkosazana inhliziyo yami ikwindlovukazi."

Gabi:"Kwancono angifuni ngomama ungenze ngazizwa ngathi ngizalwa nguyena."

Biyela:"Nami angifuni ngenkosikazi yami, uzobuya nini manje?"

Gabi:"Uthe ngingahamba amasonto amabili."

Biyela:"Ngisho njalo?"

Gabi:"Eya baba."

Biyela:"Besengi..... hhayi kulungile nkosazana ngizokukhumbula."

Bafike bavalelisane kahle ahambe uGabsile..

Afike ezweni labo uGabsile axakeke ukuthi uzoshayela ubani akafuni kubiza uSambulo. Ashayele uMlungisi

Mlu:"Nkosazana."

Gabi:"Bhuti unobani lapho?"

Mlu:"Nginalesoka lakho elibi kanye nesthandwa sami esihle noMduduzi nomkakhe."

Gabi:"Ungamutsheli bhuti sengifikile ngicela ungilande."

Mlu:"Hayi usebenzile uyahawula nangu umuntu, siyaphuma manje sesibuyela eMgazini ngizokubona."

Gabi:"Ngizonilinda shesha bhuti."

Mlu:"Hayi phela hawu."

Bahleke bobabili, ezwe noma sebavalelisana alinde kungapheli nemizuzu mingaki iqhamuke imoto yesithandwa sakhe. Ngendlela abshintshana ngayo ngezimoto uSambulo noMlungisi ngathi bobhuti. Aphume uMlungisi amuhage athathe isikhwama sakhe asifake ebhuthini angene emotweni.

Gabi:"Hawu baphi boMdu kanti?"

Mlu:"Ngiphume ngathi ngikhuluma ngocingo, umunikeni ubaba wakudedela."

Gabi:"Lutho ngimucelile uqale wanginqabela umama wamukhumbuza ukuthi kumele ayolula umsipha kadokotela. Kumele angaphazamiseki ngoba masikhona siyamuphazamisa."

Aqale amangale uMlungisi aqale ahleke kancane agcine sekahleka kakhulu.

Gabi:"Uhlekani?"

Mlu:"Ngizokutshela ngelinye ilanga."

Bahambe mabafika ashayele uMduduzi ukuthi aphume akasangeni, aqhamuke vele noNokubonga, Lungile nezingane kanye noMduduzi bahagane.

Mlu:"Gabi tshela uMduduzi indaba yomsipha."

Amutshele uGabsile akufiki nje kuye mabahleka ukuthi bachazwa yini.

Mdu:"Ye madoda lekhehla."

Mlu:"Nami ngishaqekile."

Bangene emotweni uGabsile adonse isikhwama sakhe afulathele.

USambulo endlini ukhumbule uGabsile wakhe manje ulokhu uyamushayela akabambi sekunesikhathi futhi kodwa abeshayele ubhuti wakhe manje. Ufuna nokushayela uBiyela qobo lwakhe.

Abangani bakhe noma behamba akabanga nawo umdlandla wokubaphelezela. Akhumule ayongena kushawa uyazitshela ukuthi makaqeda kubheka eshisanyama yakhe uyahamba yena.

UGabsile makangena ezwe kukhala amanzi avale emnyango akhumule naye ayongena endlini yokugezela. USambulo makabona umnyango uvuleka kancane uzitshela ukuthi  uMlungisi, aphenduke  kancane makabhekisisa abone uGabsile onqunu kuthi ahlanye uSambulo aphume kushawa ayomuhlangabeza amuhage.

Sambulo:"Sthandwa sami yazi angifuni nokusho bengithi ngiyeza kini."

Gabi:"Ungabe usakhuluma seside lesikhathi ubaba angivalele  azishe, sokhuluma after."

Ahleke uSambulo

Sambulo:"Nayi ingane bo."

Gabi:"Ingane oyikhulisile wayizwisa."

Amudonse babuyele kushawa baqabulane.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMVA KWESONTO

UScelo  bafunde kwaze kwacishe ukusa benoNtwenhle ezama kumubambisa okuthile abengakholwa ukuthi kuzophuma. Inyuvesi yakhe ichelile kumele bahambe kusenesikhathi ngenhlanhla balale sebasilungisile iskhwama sikaMpilwenhle.

Avuke kuqala uScelo ayogeza, alarm ikhale ize izithulele angaphaphami uNtwenhle. Amuvuse kwale ukhathele phela ulale amahora amabili nje.

Scelo:"Vuka sthandwa sami."

Ntwenhle:"Ngikhathele yazi."

Scelo:"Uzophumula masibuya."

Ntwenhle:"Ngifuneka ekhaya mangiqeda ukubhala, inhliziyo yami iba buhlungu nje ngoba angazi ngiyoze ngikubone nini."

Scelo:"Nami ngizwa ngibuhlungu angazi nje kepha kuzonginika ithuba lokuthi ngisukume."

Ntwenhle:"Ngeke ungigigangele Scelo."

Scelo:"Habe ngeke ngizobe ngiyahlanya, mangibuya kini nje ngizobuyela kamama obengisiza ngisebenze nami njengendoda."

Ntwenhle:"Mina ngizomutshela ubaba ngeke nje."

Kungene umlayezo obuya kuMdu.

Mdu:*Ungaphoxi umama uyanilungiselela ninoScelo ukujahe kabi. Ubhale kahle ngiyazi uzoyishaya lento I love you lil sis.*

Adonse umoya ahambe ayogeza uScelo aqhubeke nokumulungisela uyazi ngeke akhone ukudla aze aqede kubhala ngenxa yokuthuka. Makaqeda naye ukugqoka abuye sekuphuthiwe.

Ntwenhle:"Baba Mpilwenhle ngicabanga kukushiya la ngiqhubeke ngikhokhe."

Scelo:"Kahle sthandwa."

Ntwenhle:”Ngicela ungibize ngomama Mpilwenhle noma kanye nje.”

Scelo:”Kulungile mama Mpilo, angeke kulunge ngoba ngizobangedwa nengane kuncono ngiye kwama.”

Ntwenhle:”Inyanga eyodwa nje nginawe sekunzima ukuhlukana.”

Scelo:”Sihlukana ini ngoba ngisaya nakini kuyovuthuzwa, hhayi nosomatekisi uyathusa.”

Ahleke uNtwenhle.

Scelo:”Ngiyamazi ubhuti wakho yazi.”

Ntwenhle:”Abeqinisile kanti, umazela kuphi.”

Scelo:”Ubhuti kaThandazo nguyena owaphusha uThandazo noMpilo bawa abethi uzolamulela mina angishaya. Balimala lapho basithathe bethi bayobagubhela noma babalahle emfuleni. Ubhuti wakho wafika noSambulo umngani wakhe kanye noThemba basisiza.”

Ntwenhle:”Ubuya ekudeni sthandwa sami yingakho.”

Amuqabule uScelo.

Scelo:”Asambe liyashona ilanga.”

Amubone uNtwenhle ukuthi akafuni kukhuluma ngemizwa yakhe uScelo, akafuni nje ukukhuluma ngepast yakhe kangako. Bayongena emotweni ahlale noMpilwenhle emuva

kushayela uScelo bahamba izinhliziyo zibuhlungu ngathi zinamanyeva ngoba bayagcinana namuhla. Bafike enyuvesi aphinde amukhumbuze uScelo ngalokhu bebakufunda.

Ntwenhle:"Ngeke kuphume baby phela unyaka uze uyaphela lokho kuyazitshwa abakaze nje bakunake."

Scelo:"Mawuqala ukusebenza into yokuqala abanihlola ngayo."

Ntwenhle:"Mina ngikufundile nje ngoba nakhu ngiyachazeka kubuka lezindebe zilokhu zikhuluma ."

Ahleke uScelo

Scelo:"Usuqalile ukuphapha phuma la."

Amuqabule aphume

Scelo:"Take your time sizobakahle."

Ahambe bamulinde amahora amabili agcwele.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMAMKHULU🌼

Namuhla uvuke wageza wenza konke ajwayele kukwenza umamkhulu, umoya wakhe uphansi selokhu kuhambe umyeni wakhe uyaphazamiseka futhi nasemsebenzini wakhe, sekasindela uNomusa nje ngoba kudala amusiza wazi konke okumele kwenziwe.

Ubuthaka uhlushwa nawukucabanga usesi wakhe ukuthi wanyamalala kuphi, uze afise ukuthi kube wamunaka lomngani kaSambulo abamubabaza ukufana naye noma nazo lezingane besezimduduza nje.

Kukhale ucingo lwakhe makabheka inceku athuke phela selokhu athatha umyeni wakhe kanye nendodana yakhe akakaze akhulume nabo.

MaButhelezi:"Nceku."

Nceku:"Mama kunjani?"

MaButhelezi:"Ngiyabonga nceku yenkosi."

Nceku:"Ubaba uqedile usehlanzekile."

Ajabule umama Sambulo aze akhale zizehlele izinyembezi nje.

MaButhelezi:"Waze wangiqinisa emoyeni nceku."

Nceku:"Kona ilunga lomndeni malitholakala esimeni esikanje umoya uyadangala, ubaba ukahle kube kuya ngaye kube ufike khona izolo mangimutshela ukuthi usehlanzekile."

MaButhelezi:"Ngiyezwa nceku indodana yami yonake?"

Ihleke inceku

Nceku:"Uyawuzwa lomsindo?"

MaButhelezi:"Ngiyawuzwa, ungangitsheli ukuthi nguyena."

Nceku:"Nguye kanye ubaba wami umuthande kabi uze ufuna simutholele umsebenzi ngapha."

MaButhelezi:"Ngizofa inkumbulu."

Nceku:"Mama isizathu sami sokuthi  ngikufonele kunento evelile la."

MaButhelezi:"Ngilalele."

Nceku:"Ayikhulumeki ocingweni, angazi noma umama uzokhona ukuza ngapha yini."

MaButhelezi:"Nini nceku."

Nceku:"Kusukela manje nje ungeza kanye nendodana yakho nendodakazi."

MaButhelezi:"Labo bantu basemizini yabo."

Nceku:"Kubalulekile  mama."

MaButhelezi:"Ngizobuya kuwe nceku yami."

Nceku:"Usale kahle mama."

Angasapholisi maseko ashayele uSambulo

Sambulo:"Ma."

MaButhelezi:”Kumele siye kolanda ubaba mfanami, inceku ithi idinga umndeni wakhe.”

Sambulo:”Kulungile ma, kuzohambeka noGabsile?”

MaButhelezi:”Angiyiboni inkinga mina.”

Sambulo:”UNokubonga yena?”

MaButhelezi:”Kuzomele abuye ngizomushayela.”

Sambulo:”Ngizokubona kusasake ma ubekahle.”

Aluvale ashayele uNokubonga.

Noku:”Helo ma.”

MaButhelezi:”Ngane yami kumele siyolanda ubabenu.”

Noku:”Kuphi le ekulashweni?”

MaButhelezi:”Yebo sisi lapho.”

Noku:”Ohh mama ngizothini kuMgazi ngoba ngiqeda kubuya ekhaya.”

MaButhelezi:”Ubungezanga la ubuyobona umama walomnawenu omncane angithi manje udingwa umawakho.”

Noku:”Kulungile ma kumele siye nini?”

MaButhelezi:”Ngokufisa kwami kube manje imoto isiyaphuma.”

Noku:”Ngizocela mama bese ngiyeza.”

Bavalelisane ulokhu uyazama kubona ukuthi yini le okumele bayiyele le, kodwa uyayithemba inceku ukhulekile. Akwaziwa sekobonakala khona.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

Nokubonga:”Mgazi.”

Mlu:”Ndlovukazi yami ngikuzwile ukhuluma nomama ayikho inkinga sizohamba, umama makakubiza ungabokwenza ngathi kunzima ukuza umama uzoze acabange ukuthi ngiyakuhlukumeza ngiyakunqabela ukuya ekhaya.”

Noku:”Ngiyaxolisa nkosi yami.”

Mlu:”Sondelake kokugcina masiqeda sizohamba.”

Noku:”Wuuu kahle Mgazi sekumele liphukele phakathi, kunini.”

Ukhuluma uyabaleka ayophuma ngomnyango aye ngale endlini yomndeni, asale ahleka yedwa uMlungisi amulandele. Makangena endlini bayazixoxela nje nomawakhe.

Mlu:"Mama siyahamba ntambama."

Biyela:"Inkosazana ngeke nje isakufica?"

Mlu:"Umndeni kaNoku udinga usizo lwami, ngayibona inkosazane encane ukuthi ikahle senizongishayela lomfana ngesibhakela."

Bahleke ulokhu ubuke uNokubonga.

Mlu:"Noku buya uyopaka iskhwama asazi kuzasithatha isikhathi esingakanani."

Noku:"Ngizopaka ngokushesha masesizohamba Mgazi."

Mdu:"Ngihalela kuhamba nani nami."

MaBiyela:"Hayibo kahle inkosazana izozwa ubuhlungu wena noLungile aniyi ndawo."

Mlu:"Mdu."

Mdu:"Bafoza."

Mlu:"Awutshele uNokubonga azongilula umsipha."

UMduduzi abheke abazali bakhe kuqala indlela abayiyo manje imuhlekise.

Mdu:"Sisi ubhuti uthi uyomulula umsipha."

Amangale uNokubonga.

Nokubonga:”Uyalulwa yini umsipha?”

Mdu:”Mlu ungibuza ukuthi iyalulwa yini umsipha.”

Mlu:”Mtshele asheshe lomsipha kumele ululwe nakanjani.”

Ukhala izinyembezi uMduduzi uhleko.

Mdu:”Sisi hamba uyolula umsipha kabhuti hawu.”

MaBiyela:”Ohhh shwele Thixo onofefe lezingane zinani.”

Biyela:”Nina kumele niphume kulomuzi wami manje senibadala. Ngizonisakaza ninye nxxx"

UNokubonga noLungile abazi nokuthi kwenzakalani. Bahleke uMlungisi ungasemnyango vele bese uMduduzi uphakathi endlini uBiyela azame kumubamba aphunyuke baphumele phandle behleka.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UScelo basalindile nendodakazi yakhe azange imuhlupheke, aqhamuka esishesha noScelo wamulinda. Makafika kubo amuhage amuqabule akanandaba nobabhekile.

Ntwenhle:”Qagela ngijabuleleni?”

Uyazi uScelo ukuthi kumayelana nokuhlolwa kwakhe.

Scelo:"Ujabulele ukuthi usuzovuma ngiyifake phakathi."

Ahleke uNtwenhle

Ntwenhle:"Hayisuka hawu lezinto bongiphoqa kuthi ngizifunde, ziphume njengoba zinjalo, manje bayakhala abanye bathi bebengacabangi ukuthi bazokukhipha."

Scelo:"Nawe ubucabanga lokho nje."

Ntwenhle:"Mina nginesidlakela esingigadele ngisho ezimfundweni zami."

Baqabulane futhi bangene emotweni amabombo sewabhekiswa khabo  Ntwenhle, baqale bathenge  ukudla badle.

Ntwenhle:"Ukahle?"

Scelo:"Ngithukile nje."

Ntwenhle:"Umama uzokuthanda lokho ngiyakwazi nje."

Scelo:"Mabangibuza ukuthi ngenzani empilweni ngizothini  kodwa Ntwenhle."

Ntwenhle:"Mina ngiyakuthanda Scelo."

Scelo:"Ngiyakwazi lokho,kepha wonke umzali ngeke anikele ngengane yakhe kuphuya nje ofana nami."

Ntwenhle:"Scelo kwenzakalani kuwe vele?"

Scelo:"Kwenzakalani kanjani?"

Ntwenhle:"Ngitshele lento engingayazi ngawe, awukangixoxeli konke ngawe."

Scelo:"Namuhla angifuni kuxoxa ngosizi angithi siyagcinana asixoxe ngathi. Ngizokutshela konke ngisho nokuthi ulwazi olungaka ngiluthathaphi lwezemfundo."

Ntwenhle:"Kulungileke sthandwa sami, mababuza ngoMpilwenhle ungaphenduli ngizoziphendulela."

Scelo:"Uzothini?"

Ntwenhle:"Kuyekele kimi lokho umndeni wami waziwa yimina kuthi ngiwuphendule njani."

Mabaqeda ukudla baqhubeke nohambo lwabo....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T🌼

ISIQEPHU 44🌼

KWABIYELA🌼

Noku:"Sthandwa sami ekhaya sizofika asilinde inkosazana hawu."

Mlu:"Ngicasulwa ukuthi uza nalomfana la."

Noku:"Hawu inkinga ikuphi?"

Mlu:"Inkinga ukuthi angifuni kuvuma ukuthi ngiyamamukela empilweni kaNtwenhle."

Adideke uNokubonga

Noku:"Ngobani Mgazi?"

Mlu:"UNtwenhle bekamuncane manje nje angikhalela mangihamba sekumele ngihlale nesoka lakhe ngihleke into engahlekisi, nalengane engihlala ngiyifica lapha ngiyasola eyabo."

Noku:"Kuyakuthukuthelisa lokho?"

Mlu:"Sihle lesijumba sengane."

Ahleke uNokubonga

Noku:"Kusho ukuthi uyayithanda nalengane umshana wakho, manje inkinga ikuphi asibalinde mina ngiyafuna kubona usisi wakho omncane."

Mlu:"Lento ayikho lula ngibhekane nomfana osowazi usisi wami omncane ngaleyo ndlela, uNtwenhle nendlela amubheke ngayo lomfana uyabona nje ukuthi uyamuthanda."

Noku:"Khawula ukuziqinisa Mgazi uwamukele ukuthi inkosazana ikhulile, uyamuthanda umshana wakho futhi uyalithanda nalesoka lakhe. Siyabalinda angithi?"

Mlu:"Buyake sizobalinda ngiphakathi kuwe."

Ahleke uNokubonga.

Noku:"Wena lonke ithuba olitholayo ufuna kubaphakathi hhayi Mgazi."

Mlu:"Khetha kwenzakalani manje siyahamba noma siyabalinda mina ngiphakathi ichoice eyakho."

Asukume uNokubonga ayongena endlini encane.

Noku:"Angikukholwa ungibhadalisa ngocansi kulinda usisi  wakho ungithatha njengomahosha."

Ukhuluma uyahamba angene endlini encane avale athuke uMlungisi amulandele makavula umnyango uwukhiyile.

Mlu:"Hawu ndlovukazi yami ngiyaxolisa bengingacabangi ukuthi kuzokuphatha kabi ngiyaxolisa singayilinda inkosazana singenzi lutho."

Noku:"Mawungibuka wena ubona ukulala nje njalo."

Adonse umoya uMlungisi.

Mlu:"Lokho kwenziwa ukuthi siyaxhumana futhi ngiyakuthanda kuyazenzakalela, ngiyaxolisa ngizozibamba vula lomnyango."

Noku:"Ngiyeke Mgazi kuncono ngiyazi mawungibuka uzibonela umahosha nje ungibonise early sengifuna ukuya ekhaya futhi mina."

Mlu:"Hawu ukwatile ngempela? Ngeke ngiphinde NOKUBONGA."

Asuke emnyango,uMlungisi sekakhathazekile ayomulinda embhedeni amemeze phakathi endlini encane.

Noku:"Wena kungani uhlala uvukelwa kukhona into oyiphuzayo na?"

Amangale uMlungisi aze abheke ngasendlini encane.

Mlu:"Akukho, phuma lapho sizokhuluma kahle."

Noku:"Namanje uvukelwe?"

Mlu:"Kanti kwenzenjani manje?"

Noku:"Ngiphendule uvukelwe na?"

Mlu:"Cha."

Noku:"Kusho ukuthi angikuhalisi mina?"

Mlu:"Kanti?"

Ahluleke kuqhubeka ngoba akazi babangani manje athule.

Noku:"Uvukelwe na Mgazi?"

Aze afune nokuhleka kepha angahleki.

Mlu:"Ungibonile angithi manje ungibuzelani phuma lapho maaan singalokhu simemezana."

Noku:"Phendula."

Mlu:"Bengivukelwe yebo."

Noku:"Uyabona into engiyishoyo ungibhekisa okomahosha."

Abone ukuthi azithulele uMlungisi ngoba akakhoni nokuxolisa kahle emva kwesikhashana uvuleke umnyango asabe nokuphakamisa amehlo uMlungisi.

Noku:"Uzokhophozela lapho njengomakoti kuze kubenini."

Makaphakamisa amehlo avele amoyizele yedwa abona isthandwa sakhe sinqunu ukhumule konke nemizwa ivele ishukume ngaleso sikhathi. Amubuke asukume ngokushesha.

Mlu:”Udlalelani ngami?”

Noku:”Ungasondeli khumula angifuni kusokoliswa izimpahla ngifuna kukukhombisa namuhla, nawe ngeke uchame uzongithola kahle.”

Ahleke uMlungisi azikhumule asondele kuye.

Mlu:”Mina ngikwenzeni?”

Noku:”Awufuni silinde inkosazana.”

Mlu:”Manje uthukuthele?”

Noku:”Kakhulu.”

Ahleke uMlungisi afike kuye baqabulane………

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWASAMBULO🌼

Gabi:”Besengikukhumbulile  sthandwa sami.”

Sambulo:”Mina besengifana nohlanya.”

Gabi:”Sheshake ndoda unike ubaba okungokwakhe, noma asirobha nje.”

Sambulo:”Phela wena kumele ngikulobole kimi ngoba ngizikhulisele.”

Ahleke uGabsile

Gabi:”Uqinsile yazi, Unjani uScelo bandla yazi kumele simusize ngengane.”

Sambulo:”Yazi angikamuboni lomfana selokhu ngibuyile, awuthi ngishayele uThemba.”

Gabi:”Kulungile ngisayokwenza ukudla.”

Sambulo:”Wuuuuu kwaphela ukudla sekabuyile.”

Ahleke uGabsile

Gabi:”Ngilambile nje.”

Sambulo:”Ubabakho kumele ngimutshele ukuthi uyadla angicabangele.”

Ahleke uGabsile, uSambulo abematasa ngocingo alubeke endlebeni.

Sambulo:”My authi unjani?”

Themba:”Ngiyaphila ndoda.”

Sambulo:”Ukuphethe kahle uSphe awubonakali.”

Themba:”Hhey my authi ngathi khani ngisenjeni.”

Sambulo:”Kudeep ngaleyo ndlela?”

Themba:”Kakhulu my authi, namanje ngisendleleni eya khona.”

Bahleke

Sambulo:”Ye ndoda usawenza nje umsebenzi, landa lomntwana uzohlala naye ulokhu ushayela indlela engaka njalo.”

Themba:"Hhey ubabakhe uyibhubesi akafuni nje asondelwe umfana.”

Ashaye ikhwele uSambulo.

Sambulo:”Ngifuna kukubuza lomfana uScelo ukuphi?”

Thrmba:”Ukahle yena noma ngingazi ukuthi ukuphi, uyavela nje aphinde ahambe.”

Sambulo:”Angaba kuphi kodwa.”

Themba:”Angazi nami angimbuzi unamanombolo wethu sonke angithi makasidinga uzosishayela.”

Sambulo:”Ya uqinsile imoto isekuye?”

Themba:”Isekuye wake  wathi uyayiletha ngangakhona kuyithatha hade.”

Sambulo:”Ismoko asikho yindoda leya uzoyiphatha kahle.”

Themba:”Futhi kungenzeka kukhona akuphandayo uzoyidinga, wena zikhiphani.”

Sambulo:”Sizohamba angazi nini siyolanda ithayma la bebalichatha khona ngathi kufuneka umndeni.”

Ahleke uThemba.

Themba:”Kahle ndoda bebalichatha.”

Sambulo:”Ngazi ngani ukuthi umuntu mabamuhlanza wenziwani, umamkhulu ioledi lethu futhi.”

Themba:”Kanjani?”

Sambulo:”Heyi labantu banezimfihlo ndoda ubaba wayeshade nomamkhulu wase uyamshiya uya kusesi wakhe omncane.”

Themba:”Sekabuyele enhliziweni yakhe manje?”

Sambulo:”Ikanhliziyo yakhe vele bayabonakala.”

Themba:”Thayma lakho liyabheda ubani ongashiya ibumbundiya esinje ngomamkhulu.”

Sambulo:”Tsek ndoda uyanya manje.”

Themba:”Muhle umamkhulu akekho ongazi."

Sambulo:”Manje isbumbu singena ngani lapho?”

Themba:”Kanti kuthiwani?”

Sambulo:”Wenza ngamabomu.”

Bahleke bobabili.

Sambulo:”Hambake uyodla ikhekhe my authi ngizokubona mawubuya.”

Ahleke uThemba

Themba:”Awufisi nokwazi ndoda.”

Sambulo:”Bayakuncisha.”

Themba:”Indaba ende joe.”

Bahleke bavalelisane makaphenduka uSambulo umbhekile uGabsile.

Sambulo:”Kwenzenjani?”

Gabi:”Niyazwana ninoThemba neh.”

Sambulo:”Kakhulu ufana nomfowethu lo.”

Gabi:”Ngathi usuthanda uMlungisi kakhulu.”

Sambulo:"UMlungisi siyazwisisana kodwa uThemba igazi lami, ngibuhlungu nje ngoba ngihlezi phezu kwento ezomulimaza angazi ngithini."

Akhathazeke vele noGabsile amubone amudonse ngesandla bayohlala phansi.

Gabi:"Uyafuna kukhuluma ngako?"

Sambulo:"Kumayelana nomfowenu ex yakho."

Gabi:"Angiyithandi ngendlela oyibeka ngayo lento ucabanga ukuthi ngizizwa kanjani kodwa ngacishe ngalala nobhuti wami wena uhlekisa ngako manje."

Sambulo:"Azange ulale naye kepha sthandwa sami, ngiyaxolisa bengicabanga ukuthi uzozihlekela."

Amuhage

Sambulo:"Phephisa ne."

Avume uGabsile

Gabi:"Ngitshele lemfihlo."

Sambulo:"Uyazi angithi uLungile wadlwengulwa wathola lengane yakhe uNduduzo, umdlwenguli wakhe wabulala ubabakhe uThemba wayengekho makwenzeka yonke lento."

Gabi:"Manje wena yini le omfihlela yona."

Azihlikihle isilevu adonse nomoya.

Sambulo:”UMduduzi owenza yonke lento.”

Amangale uGabsile abuye amucabange ubhuti wakhe indlela abeyiyo asasenalesilwane.

Gabi:”ULungi kusho ukuthi akamuboni kanjani?”

Sambulo:”Babezifihle ibuso kodwa umama Themba makangamubonela eduzane uzomubona loya mama uhlakaniphe ngenye indlela.”

Gabi:”Wuuuuuu uMduduzi bandla ngoba amuthanda kangaka uLungile.”

Sambulo:”Labantu bayathandana uyababona nje lento izobaphazamisa.”

Gabi:”Ubaba uyazi?”

Sambulo:”Bayazi bonke nabo badangele nje.”

Gabi:”Sthandwa sami ngicela ukuya ekhaya.”

Sambulo:”Hawu ngobani?”

Gabi:”Lento yemfihlo ayikho kahle .”

Sambulo:”Ngisajabulele kuba nawe.”

Gabi:"Ngiyazi bona angithi niyolanda ubaba bengeke sibe nesikhathi sokubhekana emehlweni sthandwa sami kuyafana."

Ahlale phezu kwakhe

Gabi:"Ngiyacela sthandwa sami."

Amuphulule

Sambulo:"Manje uhamba nayo yonke lewashing yami."

Asho amuphulula izinqe

Gabi:"Ukube iyasala bengizoyishiya ngiyakucela."

Sambulo:"Kulungile vele mangibuya nobaba siza kini."

Gabi:"Ngiyabonga sengizobona nalosesi wami omncane ozayo abangifanisa naye."

Baqabulane baginqane khona lapho......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Thami:"Yini wangibuka kangaka?"

Sphe:"Ngicela usizo lwakho."

Thami:"Ngilalele."

Sphe:"Ngizokuwashela namasokisi akho."

Thami:"Ufunani."

Sphe:"Ngifuna kuyovakashela isoka lami."

Thami:"Manje mina ngingena ngani lapho?"

Sphe:"Bhuti ngifuna ukuhamba namuhla ngibuye ngesonto."

Ahlahle amehlo uThami

Thami:"Ufuna kuyokwenzani amalanga angaka nawe Sphelelo hayi angizingeni mina ungangifaki."

Sphe:"Ngiyakucela bhuti wami."

Thami:"Ufuna ngithini mina kubaba ngoba akafuni nje uphume, nakhona into yanamuhla."

Sphe:"Angazi uzothi siya ephathini ngizoba uphathina wakho."

Ahleke uThami.

Thami:"Ucabanga ukuthi uzovuma masongifaka enkingeni ngangifaki mina."

Sphe:”Ngiyakucela bhuti angithi ngizomtshela ukuthi mangibuya uzongihlolisake.”

Agegetheke futhi uThami.

Thami:”Manje mawuzobuya usaseyintombi uvakashelani amalanga angaka uzobe wenzani le engaka?”

Sphe:”Bhuti kubuhlungu mangimukhumbula ngifuna ukuba naye nje ngingajahanga ekhaya.”

Thami:”Nawu umhlolo wami.”

Sphe:”Ngiyakucela bhuti wami.”

Thami:”Hayi ndoda bona ukuthi uzokwenzani mina ngeke ngiyokhuluma nobaba uzolokhu angithethisa.”

Mkhaliphi:”Yini leyo engizokuthethisela yona?”

Babhekane uSphelelo ashalazele.

Mkhaliphi:”KWENZENJANI?”

Thami:”Intandokazi yakho uyasaba kukucela ifuna kucelelwa yimina bengala lokho mina.”

Athuke uSphelelo nobhuti wakhe ukhuluma uqondile akahleki futhi.

Mkhaliphi:”Yini lokho.”

Amubheke uThami kuqala bese unikina ikhanda sekahle uyakhala  uSphe uyamubona uthukile.

Mkhaliphi:"Yini lokho maaan?"

Thami:"Uthi bayabafuna ekolishi kulempelasonto bazoqedelela okuncane okusele bazokwazi ukugqoka majazi."

Mkhaliphi:"Hawu mntanami makuyinto yesikole mina anginayo inkinga, nizobe nenzani khona lapho?"

Thami:"Amaphotosynthesis."

USphe akhiphe wonke amehlo abuke umfowabo, azoqamba amanga abonakalayo nje.

Mkhaliphi:"Haaaaa ndodana isilingu esingaka nawe kumele uye ekolishi nakhu ukufundisile udadewenu."

Adliwe unembeza uSphe yebo uyise akafundanga kepha akafuni kudlala ngaye kanje.

Mkhaliphi:"Into yanini leyo?"

Thami:"Kuqale ngoMsombuluko."

Athuke uMkhaliphi

Mkhaliphi:"Wena Sphelelo ufuna kufeyila ubungasho ngani kuthi kumele niyolungisa lama photoshuting, uzomosheka sonke lesikhathi ubusifunda. Hamba uyolungisa ngizokuphelezela."

Thami:"Yooo hayike."

Mkhaliphi:"Uyakhuluma ndodana?"

Thami:"Cha baba."

Mkhaliphi:"Uzophelezelwa nguwena umugade."

Thami:"Mina ngizobe ngikuphi baba ngoba kuleviki bafundisa amantombazane kuphela abafuni kubahlanganisa, kuleli elizayo kuzoba abafana."

Mkhaliphi:"Hawu bahlakaniphile labothishela benu phela lokhu kwababafana kuse kabi."

Thami:"Ngizomubeka khona ngibuye mina."

Mkhaliphi:"Kulungile ndodana utshele uthisha wakho angifoneleke ngizokhululeka nami, ungahamba."

Ajabule uSphe ahambe aye egumbini lakhe athathe isikhwama apakele, akakwazi nokupaka akazi apakeni, kungene uBabalwa ahleka benoThami."

Babalwa:"Sphelelo uyamthemba lomuntu?"

Abheke uThami uSphe.

Sphe:"Umtsheleleni kodwa Thami?"

Babalwa:"Akangitshelanga nginizwile nitshela ubaba ngamaphotosynthesis, awungithembi vele?"

Sphe:"Akusikho lokho."

Thami:"Sheshake ngizokumukisa eskoleni."

Bahleke uSphelelo unamahloni. Asukume usisi wakhe amukhethele azokupaka.

Babalwa:"Ayy nawe lezinto zakho ozigqokayo, uyamuthemba na lomuntu?"

Sphe:"Ngiyamuthemba."

Babalwa:"Ungafuzi mina ushiyeke nezingane wena usuyithemba lethu sonke."

Sphe:"Kulungile Sisi."

Babalwa:"Ngiyabuya."

Aphume isikhashana abuye sekaphethe izimpahla ngesandla, aziphose embhedeni.

Babalwa:"Buya ungazigugisi usemncane kangaka nomzimba wakho muhle."

Sphe:"Angifuni kugqoka into ezongiveza amathanga mina angaze acabange ukuthi ngifuna kulala naye."

Babalwa:"Wuuu Sphe umuntu wesilisa makathi ucela umvakashele izinsuku ezingaka akukho akufunayo."

Aqale azisole uSphelelo kepha uThemba angamuzela namaqhinga na. Mabaqeda ngesikhwama asivale

Babalwa:"Ungakhohlwa ukusebenzisa icondom Sphe ngoba wena umsulwa ungacabangi ukuthi nalomlisa unjalo. Makangayifuni icomdom ningalali."

Aphume kungene umawakhe.

MaMkhaliphi:"Uyaphi Sphelelo?"

Sphe:"Ma."

MaMkhaliphi:"Ungizwile ayikho lento yeskole."

Abheke phansi uSphe umawakhe avale umnyango asondele.

MaMkhaliphi:"Sphelelo uyazi uzokwenzani ubabakho angithi makathola ukuthi umqambele amanga."

Sphe:"Mama."

MaMkhaliphi:"Lomfana sekafuna kulala nawe manje zisuka nje."

Sphe:"Cha mama ngeke ngilale naye, ungicelile ngoba uhlala kude futhi ufosta nokuza zinsuku zonke, nami  ngifisa kuba yimina ohambayo."

MaMkhaliphi:"Nawu umhlolo wami bo ukwenzeni lomuntu kanti?"

Sphe:"Mama ngizobuya ngisaphelele ngifuna kumuphumuza nje lokuzula."

MaMkhaliphi:"Uke wabalisa na?"

Sphe:"Cha ma."

MaMkhaliphi:"Ukhulile Sphe unengqondo yakho nawe ngicela uzigade ungangiphoxi. Ubabakho angathola nje kuthi umuqambele amanga ngeke ngizingene mina uzolala ezigangeni nomfowenu."

Kukhale ucingo lwakhe makalubheka uThemba angalubambi alubhekise phansi, aziphumele umawakhe.

Sphe:"Ngiyabonga ma."

Angaphenduli.

Sphe:"Ngiyakuthanda ma."

MaMkhaliphi:"Hamba Sphelelo."

Uyabona umawakhe akathandi kahle kepha uyalithemba yena isoka lakhe abuye uThami athathe iskhwanyana sakhe avalelise  aphume noBabalwa abalandele.

Thami:"Manje uyaphi?"

Babalwa:"Ngifuna kumubona lomuntu."

Thami:"Jika sisi uzathi sinani manje samugcwalela."

Babalwa:"Kumele kujike wena mina ngingusisi wakhe omdala, angifuni nje acabange ukuthi uzazenzela kuSphe."

Thami:"Kuncono sijike sobabili sizofakela uSphe ihlazo, buka nje ugqokeni?"

Babalwa:"Kanti kungani ninenkinga ngokugqoka kwami?"

Thami:"Kuyaswabisa."

UThemba uyababona baseza le isthandwa sakhe sizithulele kukhuluma laba ababili abahamba naye. Besekathanda kuphatheka kabi ngoba umshayele wangabamba aphume emotweni ayamele kuyo aphambanise izinyawo agoqe nezandla zakhe.

Sphe:"Yekani lokulwa kwenu nangu uzoze anizwe."

Babheke la abakhomba ngakhona uBabalwa aqale akhangwe imoto kuqala.

Babalwa:"Sphe wena uvuse imoto enje engingakaze ngiyigibele."

Thami:"Umuntu onje , ongaka  kodwa Sphe, sengiphethwe ukuhleka."

Babalwa:"Ngizoke ngizwe."

Basondele uSphe aziyele ezingalweni zikaThemba amuhage.

Sphe:"Asambe."

Ahleke uBabalwa.

Babalwa:"Hawu kanjalo nje?"

Asondele uBabalwa anike uThemba isandla sakhe.

Babalwa:"UBabalwa igama usesi wakaSphelelo, lona uThami ulanywa nguSphe, sithi asizokubheka nje."

Ukhuluma uyamuthalaza uBabalwa abuke naphakathi emotweni abaxhawule uThemba.

Themba:"UThemba mina ngijabulela ukunazi."

Thami:"Sphe ungishayele mawufika."

Sphe:"Kulungile ngiyabonga."

UBabalwa awasuki amehlo kuThemba kwazi yena ukuthi umucabangelani.

Thami:"Asambe Babalwa."

Babalwa:"Iza uzohaga usesi ngizokubona mawubuya."

Aye kuye uSphe amuhage makayeka uSphe ayohaga uThemba amutatamele, uThemba angamubambi makasakahle amuyeke, uSphe akanakile kepha uThami imucasule lento.

Thami:”Ngicela ningishiye edolobheni, Babalwa hamba uye ekhaya.”

Babalwa:”Nami ngifuna kuhamba nawe.”

Thami:”Ngiya kobhema mina.”

Azigibelele uBabalwa emotweni aye phambili amubhe ke nje uThemba kepha angasho lutho, uSphe ayogibela emuva.

Thami:”Babalwa buya uzohlala ngapha.”

Babalwa:”Asambeni hotty, mina sozongishiya ekhaya.”

Themba:”Sisi Babalwa angiqondile kudelela kepha lesihlalo esikaSphelelo ngicela uhlale emuva.”

Aswabe uBabalwa ehlike ayogibela emuva.

Sphe:”Asambeni akunankinga.”

Thami:”Hhayi hamba uye phambili.”

Bashintshane amuhambise uThemba amubeke esangweni lakubo ehle angavalelisi ayisuse. Bazixoxele ngebhola ezopolitiki ngezinto eziningi nje uSphe elokhu ezithulele.

Thami:”Ubheke usisi wami umubuyise esaphelele.”

Themba:”Ungakhathazeki uzobuya akahle.”

Ehlike uThami amubize futhi uThemba.

Themba:"Ukhohlwa isikhwama sakho my authi."

Thami:"Leso sikhwama sinamapitikoti angiwagqoki mina."

Aphendule afulathele azihambele uThemba abheke uSphelelo.

Themba:"Umfowenu ufuna simulinde, noma uzozibuyela."

Sphelelo:"Uzozibuyelela emuva."

Themba:"Ufuna sihlale kuphi namuhla?"

Asabe kumutshela umuthi sekacelile ekhaya angamuphenduli, asuse  imoto uThemba ayibuyisele emuva esihlahleni sabo. Baxoxe masekuqala ukuhwalala.

Themba:"Sthandwa sami sekuyisikhathi sokuthi sihlukane angifuni ubaba alokhu akwenzisa lento ongayifuni."

Sekaswabile uSphelelo avume kancane.

Themba:"Namuhla awumnandanga nzwakazi kwenzenjani?"

Sphe:"Ngikahle."

Aphume emotweni uThemba amuvulele umnyango akhiphe nesikhwama besiphethwe uThami beme ngaphandle. USphelelo sekayengezela izinyembezi.

Themba:”Awukho kahle khuluma nami.”

Sphe:”Ngikahle.”

Themba:”Asambe ngizokubeka lapha ekhoneni, ngizokuphelezela ngezinyawo.”

Bahambe amubambe ngesandla masebafika ngasekhoneni bazithele kuThami naye abamangalele.

Thami:”Hawu Sphe.”

Abheke phansi uSphe kwehle nezinyembezi adideke manje uThemba ezwe nobuhlungu ngoba uyazi akamenzanga lutho uSphe wakhe. UThami avele abheke uThemba.

Themba:”Kwenzenjani kanti Sphelelo, kukhona engikushilo wangakuthanda?”

Anikine ikhanda

Thami:”Asambe uzongitshela masifika ekhaya.”

Amunike iskhwama uThemba ababuke bahamba masebaphambidlana beme abone bahagana, uSphe sekayakhuluma. Ahluleke kuzibamba abalandele uSphe makamubona athule angasakhulumi.

Thami:”Sphe kanti nijolelani manizoswatshiswa kanje?”

Themba:”My authi kanti kwenzenjani yimina engimuphathe kabi?”

UThami  uyabona ukuthi sekaphatheke kabi noThemba.

Thami:"Siphume endlini uSphe."

Amuvale umlomo uSphe kuthi angamutsheli athule noThami makasusa isandla sakhe emlonyeni.

Thami:"Iplan bekuwukuhamba nawe abuye ngeSonto manje wena soyamujikisa, thatha isikhwama sakhe. Mina ngeke ungiqambise amanga angaka bese uyajika futhi."

Abashiye lapho uThami isoka lakhona lijabule kodwa alazi lithini, lisondele.

Themba:"Nzwakazi kepha awusho ngani?"

Sphe:"Ngibona ngathi awusafuni."

Themba:"Phela thina sivumelene ngoLwesihlanu bengingazi, ukhaliswa yilokho ?"

Avume ngekhanda uSphe.

Themba:"Sphe umsulwa kakhulu uyangithusa mina manje."

Sphe:"Awusangifuni?"

Nezwi seliqhaqhazela uvimba izinyembezi asondele uThemba athathe isikhwama asigaxe amuhage.

Themba:"Asambe ubaba uzaze aqhamuke."

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T.🌼

ISIQEPHU 45🌼

UNtwenhle bafika kubo ngaphandle kwegceke bahlala kancane uScelo uthukile akakhoni nokwenzani.

Ntwenhle:"Umama uzokuthanda."

Scelo:"Eish ngindlule ezimeni eziningi ezike zangithusa empilweni yami kepha lokhu cha kuworse ngithukile. Ntwenhle bazothi ngiyindoda bani eyondliwa ingane yabo."

Ntwenhle:"Ngiyakuthanda mina Scelo kepha lento yakho yokulokhu uzenyeza seyithanda kungiphatha kabi manje. Ngikubona uyindoda ephelele kodwa nawuqala ukhuluma ngesimo okuso uyazehlisa la kimi."

Abheke phansi uScelo

Scelo:"Kulungile ngena."

Ntwenhle:"Awusafuni kungena?"

Scelo:"Ngizolinda la ngaphandle angikwazi kuvele ngizingenele, kukini phela la."

Ntwengle:"Kulungile."

Ehlike uNtwengle makathi uthatha uMpilwenhle.

Scelo:”Mushiye.”

Ntwenhle:”Awume Scelo.”

Amuthathe uNtwenhle afulathele asale sekahleka yedwa uScelo anikina ikhanda. Angene endlini uNtwenhle, azithele kusisi angamazi.

Ntwenhle:”Sawubona.”

“Unjani ngena ngena, mama.”

Amuphendule ngale umawakhe aze amoyizele kepha usabuke losisi omuhle kangaka.

MaBiyela:”Seniyahamba njalo?”

“Cha ma inkosazana seyifikile.”

Aqhamuke emnyango ovela ngasendlini yokudlela abeke isandla emlonyeni umaBiyela asondele enganeni yakhe. Amuhage kanye noMpilwenhle makaqeda avele amuthathe amuqabule esihlathini.

MaBiyela:”Hhhey wena ntombazane kagogo, ubani igama lakhe?”

Ntwenhle:”Mpilwenhle Thandazo.”

MaBiyela:”Akanaso isibongo?”

Ntwenhle:”Malukhu.”

MaBiyela:”Sbongo bani leso?”

Ntwenhle:”Ma ngiyamuthanda ngicela ungixolele.”

MaBiyela:”Angikaze ngaqinisa isandla mina mntanami kuwe kepha ukuzwa ukuthi ubone ukusokola nengane le ungaveli kimi nakancane ungitshele ngizwa ngithuthumela emathunjini. Ungincishe ithuba lokukunakekela.”

Ntwenhle:”Mama uhlezi unginakekela angikaze ngikuncishe ithuba ma.”

Kuqhamuke uBiyela noMduduzi.

Mdu:”Nkosazana sofikile?”

Ntwenhle:”Eya.”

Bahagane

Biyela:”Azikho izitulo manje la ekhaya nema ngezinyawo?”

MaBiyela:”Uphi lomfana?”

Ntwenhle:”Ungaphandle.”

MaBiyela:”Akangeni ngani?”

Ntwenhle:"Ulinde kuthi nginibingelele kuqala mama."

Kungene uMlungisi uqhamuka emzini wabo usocingweni makangena eme celeni kwaNokubonga amugaxe angamubingeleli usesi wakhe omncane. Abheke phansi uNtwenhle inhliziyo seyibuhlungu , abone ukuthi yilenkosikkazi yakhe le enhle amuthumelela isithombe sakhe.

Mlungisi:"Sesingahamba sekafikile."

Amubheke ngokumangala uNokubonga.

Biyela:"Mduduzi biza lomfana."

Athuke uNtwenhle azame kuzimoyizelisa ubabakhe angamubheki nokumubheka, aphume uMduduzi abuye naye. Uyabonakala ukuthi uthukile uScelo kepha aziqinise.

Biyela:"Hlalani phansi."

Bamulandele bayohlala kubosofa uNokubonga asale ekhishini.

Biyela:"Mlungisi biza indlovukazi yakho."

Amubize asondele naye ahlale celeni kwamamezala wakhe, uScelo ahlale yedwa kepha ubhekene noMlungisi.

Biyela:"Uphi uLungile?"

Mdu:"Usesitolo."

Biyela:”Nezingane?”

MaBiyela:”Zilele baba.”

Biyela:”Lezingane zakho zinani zilala kangaka manje emini.”

MaBiyela:”Ngesikhathi esisodwa futhi.”

Biyela:”Wathi unguBhungane mfana?”

Scelo:”Yebo baba.”

MaBiyela:”Amehlo wami avele akwazi nje.”

Biyela:”Uyadelela noma unesibindi?”

Athule uScelo

Biyela:”Ngiyakubuza.”

Mlu:”Ubaba makabuza ufuna umuphendule buza intombi yakho iyakwazi lokho.”

Scelo:”Indaba angiwuzwisisanga umbuzo baba.”

Biyela:”Uyadelela noma unesibindi na?”

Scelo:”Angideleli.”

Biyela:”Kuyacaca impendulo yakho unesibindi.”

Ntwenhle:”Baba uS....”

Amubheke ngelinye iso kuze kuthuke uScelo abheke phansi ngokushesha uNtwenhle.

Biyela:”Ngimukisa ingane yami ukuthi iye eskoleni kuyofunda, wena wathola ithuba lokuthi uyikhulelise. Emva kwalokho wabona ukuthi niganane nenze umcimbi wakaHadebe, akusikho ukudelela lokho? Ubungamubonisi ngani uNtwenhle kuthi akaye ekhaya makaqeda kuba nengane.”

Ntwenhle:”Bengibhala ukuhlolwa baba.”

Biyela:”THULA.”

Scelo:”UNtwenhle azange ngimukhulelise.”

Ahleke umaBiyela phela nayi ingane uyigonile yize ifana noyise wayo kepha uyibona kungumzukulu wakhe.

Biyela:”Ntwenhle lomuntu wakho unamanga futhi.”

Ntwenhle:”Uyasaba baba, yimina obengafuni ukuza ekhaya, mangiqeda ukuthola ingane.”

Athuke uScelo aze ayengezele izinyembezi ukwenza kanjani lokhu uNtwenhle, akafuni bakhohlise abantu abadala. Uyafuna kumukhuza kepha uyamazi unenkani uNtwenhle wakhe.

Biyela:”Ukube ikhanda lakhe liyasebenza abezothumela abantu bakubo nina nibe nisesikoleni, mfanami lento owayenza ngokuzifaka endukwini yathambisa inhliziyo yami. Ngikubone uvikela indodakazi yami ngendlela enothando kodwa mangicabanga lento eniyenzile kuyala ukuthi ngikwamukele. Uhlala kanjani nengane yami uyitholise ingane qeda nihlale duu. Ngiyazi uNtwenhle ukhanda limtshela okwalo kepha wena njengendoda la bekumele wenze kahle. Kona ekhaya kini bayazi ukuthi unengane?”

Mlu:”Baba.”

Aphakamise isandla uBiyela ufuna impendulo kanti uMlungisi ufuna kucela indlela yena ngoba abona iskhathi, athule naye angasakhulumi.

MaBiyela:”Nokubonga silethele kokuphuza.”

Naye umawabo uzama kuziba lempendulo

Biyela:"Mana makoti."

Scelo:”Cha abazi ngoba ….”

Ntwenhle:”Ungaphenduli Scelo into ekuphatha kabi.”

Bonke bamubheke.

Mlu:”Hayi Ntwenhle usubonisa isoka lakho ukuthi wena uyadelela?”

Ntwenhle:”Cha bhuti ukuthi lombuzo kababa ubuhlungu kuScelo.”

Biyela:”Ubuhlungu ini ngoba kube uyaphendula yebo noma cha, uyamazi lomfana udabukaphi ngoba umlwela kangaka?”

Athule uNtwenhle.

Biyela:”Awazi nokuthi udabukaphi, ngoba ela kwami uyawazi wena umndeni wakhe, noma usesi wakheke noma ubhuti?”

Makathi uyaphendula uNtwenhle.

Biyela:”Awazi Ntwenhle awaziwa kubo, udlala ngawe lomfana wakubhansela ngengane ezoba wuhlupho futhi maseyifuna amasiko angakushiya nayo futhi usale uzibona. Awazi noma uyisigebengu khona uyazi uphila ngani?”

Mdu:”Baba ngathi.”

Biyela:”Usebenza kuphi mfana?”

Scelo:”Angikasebenzi.”

Biyela:”Nawe ungumfundi?”

Scelo:”Cha.”

Biyela:”Manje uzoyinakekela ngani indodakazi yami mawungasebenzi?”

MaBiyela:”Uzowuthola baba umsebenzi.”

Biyela:"Bese leyo ngane izobe idlani uyise angakasebenzi, uzokondlelwa yithina ngoba nakini abazi ngayo. Mangabe ufuna kondlelwa ingane uzobe uyisahluleki wake wakubonaphi umuntu ondlelwa khabo nina ingane. Ngeke ngamukele isahluleki mina empilweni yenkosazana."

Sonke lesikhathi uScelo ubheke phansi ayamuhlaba lamagama kepha makezwa igama lesahluleki nelokondlelwa ingane ahlabeke kakhulu aphakamise ikhanda abheke uBiyela ngqo emehlweni, uMlungisi amubone ukuthi ushintshile manje uScelo noma angabonisi ukuthi uthukuthele noma uphatheke kabi kepha akasafani nalokhu abeyikho mabafika.

Scelo:"Igama lami uScelo wakwaHadebe ngidabuka  eMgazini."

Babhekane bonke kepha bathule noNtwenhle ulalele ngoba akazi okuningi ngalesoka lakhe.

Scelo:"Anginawo umndeni ngenxa yenkosi yakhona yadlwengula usesi wami wathi makakhuluma usesi wami yasihlasela. Yazosishisela phakathi endlini umndeni wami washa waphela ubaba nodadewethu baphela ngibabhekile ngisengumfana wesikolo. Ngazama kukhipha umama kodwa saphikisana kuthi kuphume mina kuqala ngaphuma naye walandela sisizana. Masesingaphandle umama wayeshe kakhulu angasakhoni nokuphakama wakhala kuthi ngibaleke ngoba azi bazongibulala mabangasithola. Umndeni wami wahamba kanjalo.

Baba mina ngizikhulisile ezintabeni ngazitabalazela ngaqeda iskole kungekho ongiqhubayo ngaze ngaya enyuvesi. Leyo ingxenye yempilo yami engingafuni kuxoxa ngayo ngoba ibinzima. Amagama akho baba angibuyisela kulomndeni engangiphila nawo uhlala ungibiza ngesahluleki ngoba ngangithanda indodakazi yabo.

Ngeke ngiphinde ngiyiphile leyo mpilo, indodakazi yakho angiyithintanga angiyazi angikaze ngilale nayo. Unina walengane washona ngenxa yalempilo engithi angisafuni kuyiphila waphelela esibhedlela la uNtwenhle abefundiswa kuso. Waqala kumunakekela lapho umntanami waze wamunika negama likanina mina ngilokhu ngenza amalungiselelo okuyoncwaba unina.

Ngiyimi anginamuntu uNtwenhle wangidobha ngizishaya nsuku zonke kuthi ngidojiwe kepha inkosazana yakho inothando nami ngizithole sengila. Angisiso isahluleki ingane yami ngizozondlela ebengikulandelela kuNtwenhlle ilemfudumalo kamama abeyinika ingane yami nami ngagcina sengimthanda."

Asukume uScelo agobe celeni kwamaBiyela uNokubonga nomaBiyela sebayakhala uMlungisi ushaqekile nje. UBiyela sekaswabile naye abethi uqondisa izigwegwe enganeni yakhe kanti uyahliphiza makabheka izinyembezi ezehla kuNtwenhle ezokuphoxeka nobuhlungu udabuka kakhulu emoyeni. Athathe ingane yakhe uScelo afulathele uNtwenhle amulandele.

MaBiyela;"Angaphuma ngalesango uNtwenhle myeni wami ngeke aphinde abuye, nami ngeke ngiphinde ngiphefumule."

Ntwenhle:"SCELO."

Sebangaphandle

Scelo:"Ungangilandeli Ntwenhle."

Ntwenhle:"Ungangishiyi nawe."

Scelo:"Kumele usale Ntwenhle ngiyophusha impilo ngizobuya."

Ntwenhle:"Ngeke ubuye."

Scelo:"Yazi unginike olunye uthando nemfudumalo ngeke ngiyikhohlwe leyonto, wena hamba uye ekhaya mina ngizobuya sengiyilendoda ubabakho azoyithemba kuthi inganakekela inkosazana yayo."

Ntwenhle:"Ngiyakucela ngihamba nawe."

UMlungisi uphumile ubabukile akafuni kubaphazamisa abethi uzovimba uScelo.

Scelo:”Yazi ukukutshela iqiniso nami ngeke ngivume ngoMpilwenhle kuthi athandane nomuntu ongabonisi ithemba. Ngeke ngivume futhi kuhamba nawe ngikuhlukanise nomndeni wakho, ubabakho uyakuthanda. Ngicela ungiphe ithuba lokuthi ngiyozimela ngizobuya sthandwa sami.”

Ntwenhle:”Kulungile shiya uEnhle.”

Scelo:”Cha Enhle.”

Ntwenhle:”Uhamba nami noma ushiya ingane ngiyasaba ngeke ubuye Scelo ngiyakucela."

Amuhage uScelo sebangaphandle kwegceke sekumnyama futhi esinye isandla sibambe ingane esinye sithulisa uNtwenhle okhalayo.

Scelo:”Ngivumele ngihambe ngeke ngikhone kumushiya uMpilo kimi ngathi ngiyamulahla.”

Ntwenhle:”Scelo awungithembi kuthi ngingakugadela yena kahle, angithi kube abezalwa yimina ubuzohamba uyofuna umsebenzi wedwa. Uzokwenzanjani lapho oya khona abantu baganga ngezingane manje la ngaphandle. Uphephile makanami.”

Scelo:”Ubabakho makangamamukelike?”

Ntwenhle:”Ngizohamba ngiyohlala naye komunye umawami ngiyakucela.”

Acabange vele uScelo kuzobanzima kakhulu nengane kepha kunzima ngathi uyayilahla.

Ntwenhle:”Ngicela uthathe ngathi ngiyamuzala ngiwuma wengane yakho usishiyile  uyofuna umsebenzi noma singekho nje isidingo.”

MaBiyela aqhamuke lapho ebumnyameni.

Mabiyela:"Hamba ndodana ngizomusiza ekubhekeni ingane, uNtwenhle ngeke abekahle siza mina futhi mfanami."

Avume uScelo kunzima kunjalo, sekakude nomama kaThemba kodwa noma abeseduze sekakhulile akafuni kuthi abe nomthwalo wokuvuswa yingabe ebsuku. Ayithathe umaBiyela ezandleni zikaScelo makaqeda kuyiqabula kaningi uScelo abafulathele abashiye lapho. Makangena endlini uNtwenhle aziphose kuScelo bahagane bathule isikhashana bangakhulumi.

Ntwenhle:"Ngiyakuthanda Scelo."

Scelo:"Ngiyakuthanda ngizobuya ngiyakuthembisa."

Ntwenhle:"Ngicela ubuye."

Abuye amuhage uScelo aphakamise amehlo angaboni muntu asondeze izindebe zakhe kuNtwenhle baqabulane eside isikhathi. UMduduzi abheke ubabakhe  ngoba sebaphume bonke, anikine ikhanda uBiyela angababheki futhi, uyacabanga ukuthi umfowabo uphule izimpilo ezingakanani kulomhlaba.

Bangakanani abagcwele iziganga njengaye lomfana kaNtwenhle abanye ngeke babonise isibindi sokuphila njengalomfana. Makasadelile uScelo amuyeke.

Scelo:"Ngiyeke ngihambe sthandwa sami."

Ntwenhle:"Manje uyakuphi?"

Scelo:"La izinyawo zami ezizongiqondisa khona."

Ntwenhle:"Ungashintshi inombolo noma ulahle ucingo."

Scelo:”Noma lungalahleka inombolo yakho ngiyazi ngekhanda.”

Akhiphe izikhwama emotweni uNtwenhle.

Ntwenhle:”Waze wangabuya Scelo ngizozibulala nengane yami.”

Amthuse lawo magama uScelo kanye noMlu benoMduduzi babheke uyise wabo omangele kwayen, asondele kakhulu uScelo amuhlebele.

Scelo:”Ngizobuya  mama kaEnhle ongu Enhle ngokwakhe.”

Ntwenhle:”Nawu ukhiyo wemoto.”

Scelo:”Angikwazi kuthatha imoto yakho ubabakho wayithengela wena, futhi ikhona imoto ebengiyisebenzisa ngale."

Ntwenhle:"Ngeke ikufikisie ndawo leyo moto."

Scelo:"Eyakho ngeke ngithathe kodwa."

Biyela:”Mlungisi nikani lomfana imoto le ebomvu, azohamba abuye ngingaze ngifelwe yingane.”

Avele uMlungisi noMduduzi nabo badangele nje ilesimo uNtwenhle akuso.

Mlu:”Susa lemoto endleleni.”

Ntwenhle:”Bhuti.”

Mlu:"Ngizomunika le ebomvu."

Ntwenhle:"Eyababa leyo nje."

Mdu:"Eyakhe uMlungisi ubaba bekayithanda nje, ukahle uScelo makala ukuthatha eyakho ngoba uzophatheka kabi ubaba."

Ayikhiphe imoto uScelo avalelise sebeme bonke manje bafake uNtwenhle phakathi akasakhoni kuyomuhaga futhi yize afuna. Mdu:"Buya uzomuvalelisa ngeke sikwenze lutho."

Aziyele yena uNtwenhle amuhage, Amubheke angene emotweni ayisuse elokhu emubheke esubukweni semoto. UMlungisi asale ehaga usesi wabo omncane babuyele endlini, mabangena nje.

Biyela:"Ubaba bekangazi nkosazana bengicabanga ukuthi umfana okutholise umntwana."

Avule izandla zakhe uBiyela ahambe uNtwenhle ayohlala celeni kwakhe amuthulise.

Melusi:"Thina kumele sihambe manje."

Bavalelise baphume basale kuduma nje endlini uMduduzi alande uLungile esitolo.

Biyela:"Umuthukuthelele ubaba?"

Ntwenhle:"UScelo uthi naye abezokwenza okufanayo."

Biyela:"Ngiyalamukela isoka lakho mntanami."

Amoyizele Untwenhle kepha akumnandanga kuye nabazali bakhe bayabona.

MaBiyela:"Uyavuka ebsuku uMpilwenhle?"

Ntwenhle:"Uyavuka kepha akusiyo ingane ekhalayo."

MaBiyela:"Ngizomubheka hamba uyolala mntannami."

Ntwenhle:"Cha ma ngizolala naye ngeke bufike ubuthongo angekho duze nami kanti nobabakhe akekho."

Athuke sekaphahlukile uNtwenhle azithulele ngathi akezwanga lutho uBiyela. Akhumbule ucingo lwakhe alushiye emotweni.

Ntwenhle:"Ngisalanda ucingo lwami kuqala emotweni."

Aphume makafika emotweni avele akhale makabona ucingo lwaScelo ulukhohliwe manje bazokhuluma kanjani. Aluthathe akasamnandanga nhlobo abuyele endlini afike athathe uMpilwenhle aqonde egumbini lakhe.

uGabsile makafika ashayele ubabakhe.

Biyela:"Hawu nkosazana mina ngicabanga ukuthi uzobuya evikini."

Gabi:"Kukhona engikufuna kukukhuluma nobaba."

Biyela:"UMduduzi uzoza ngoba ulande uLungile esitolo vele."

Ngempela amushayelele vele bafike sebahamba bonke, uMduduzi noGabsile abakaxoxi ngalento yabo basayishalazela nje lendaba. Namanje la endleni bagcine ngokubingelelana bangena emotweni, uGabsile wahlala ocingweni ekhuluma noSambulo baze bafika bamushiye ngaphandle esakhuluma. Makangena abingelele

MaBiyela:"Nkosazana sekunzima ukuba kude nasekhaya."

Gabi:"Kunzima ma."

MaBiyela:"Ubaba akekho mnandi uye wangaphatheka kahle uxabane nesoka ladadwenu kwakhulumela kabi manje kusemuncu nje."

Gabi:"Ukhona uNtwenhle."

MaBiyela:"Ukhona naye akekho mnandi."

Gabi:"Bengijahe ukumbona."

Makavelela endlini yokuphumula uGabsile noNtwenhle aqhamuke ngasemagunjini babhekane ngoba abazani kuncono uGabsile uyazi ngaye uNtwenhle umangele nje lo ocishe afane naye ungubani. Ababuke uBiyela ngoba bobabili ngathi bokhanda shisa.

Ntwenhle:"Hi."

Gabi:"Unjani?"

Ntwenhle:"Ngiyaphila, wena?"

Gabi:"Ngiyaphila."

Biyela:"Ntwenhle sondelani la."

UmaBiyela athathe ingane abashiye bodwa noyise wabo, basondele bahlale phansi babheke ngakuyise.

Biyela:"Gabsile uyazi ubani angithi?"

Avume uGabsile bese babheka uNtwenhle bobabili.

Biyela:"Ntwenhle lona ngusesi wakho olama uMduduzi."

Amangale uNtwnehle

Biyela:"Kunento ubaba ayenza engingaziqhenyi ngayo kepha kwaba nosesi wakho."

Ntwenhle:"Usho ukuthi wagangela umama kwase kuvela yena?"

Avume uBiyela.

Ntwenhle:"Ohhhh."

Biyela:"Ngicela nihloniphane zingane zami akekho ocelile ukuvela ngendlela avele ngayo, ningodade nani niyazibonela."

Asukume uNtwenhle ngoba akazi athini ubabakhe wagangela umawakhe, ubabakhe oqotho kanje amuhlonipha kangaka. Abashiye lapho ayokwenza ibhodlela lengane aqede ayilande kunina abuyele egunjini lakhe……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UThemba washayela bafika waqonda emzini wakhe namanje usamangele akazi athini nalobumsulwa bukaSphe buyamuthusa yena. Ukhona umuntu osaba kukhuluma kanje kodwa afike apake imoto kuncono sekazithenga izinto bekazothola indlu ingenalutho. Akalungisanga nala endlini.

Themba:"Akuhlanzekanga ngicela ungathuki."

Abheke phansi uSphelelo ingqondo khani ibuya manje uhambe yonke lendlela uze emzini womuntu wesilisa. Athathe iskhwama uThemba amuvulele umnyango baye endlini, abeke ukudla abakuthenge endleleni ngoba besebalambile. uSphelelo ahlale kusofa uthukile noThemba uyamubona. Asondele ahlale celeni kwakhe.

Themba:"Kukhona okufunayo?"

Sphe:"Cha kanti awuhlali nomawakho?"

Ahleke uThemba

Themba:"Musa ukudlala ngami indoda engaka ngami, umama uhlala yedwa."

Sphe:"Ohhh."

Themba:"Ufuna ukumubona yini?"

Sphe:"Cha bengibuza nje."

Themba:”Uyangisaba?”

Abheke phansi elokhu edlalisa ikhaphethi ngezinyawo azifaka phansi kwayo. Kubekhona okokodayo emnyango.

Themba:”Ngiyabuya.”

Ahambe ayovula akabuzi nokubuza ukuthi ubani kungene uSambulo.

Sambulo:”My authi.”

Themba:”My authi ngena.”

Angene athuke makabona uSphelelo azikhohlelise uThemba amoyizele.

Sambulo:”Unjani sisi?”

Sphe:”Ngiyaphila bhuti wena.”

Sambulo:”Ngiyaphila, my authi ngizobuya ngikubone bengingazi ukuthi uhlezi nomuntu, phela wena uyimpohlo.”

Bahleke aphume naye.

Sambulo:”Ngathi awujabulanga nje.”

Themba:”USphe ingane my authi izinto azenzayo ayyy, ngiba namahloni.”

Sambulo:”Amahloni ani?”

Themba:”Muncane lomntwana.”

Sambulo:”Awazi ufunani wena sofuna ukubuyela kulesigora sakho.”

Bahleke futhi bese umuxoxela

Sambulo:”Zikhulisele yena uyamubona mhlawumbe azange ake avulelwe agcwale imgwaqo njengezinye izingane yingakho enje.”

Themba:”Sekusiza kona ukuthi ngiyamthanda.”

Sambulo:”Mukhulise engqondweni okubalulekile uthando. Makakuthanda nje mufundise.”

Themba:”Yena ngiyamthanda kodwa ngiyamsabela.”

Sambulo:”Ithi ngihambe uzaze akhalele ukuthi umushiye yedwa endlini.”

Bahleke futhi agibele emotweni yakhe ahambe, uThemba abuyele endlini amufice asahlezi la abehlizi khona. Asondele kuye amusukumise  bahambe baye egumbini.

Themba:”Nali igumbi lethu, asambe siyogeza.”

Akhiphe amehlo wonke.

Themba:”Ngeke ngikwenze lutho ngifuna kugeza nawe nje.”

Avume akhiphe izinto zakhe zokugeza  amubuke uThemba uthukile uyawisa nezinto uyatatazela nje, aze ahleke ngaphakathi.

Asondele amubambe isandla vele siyavevezela asiqinise amuqabule esiphongo.

Themba:"Sizohlala kanjani masothuke kangaka, noma ufuna kubuyela ekhaya?"

Sphe:"Angazi kwenzanjani kodwa ngiyazi ngiyafuna ukuba la."

Themba:"Khohlwa ukuthi unami iba nguwe nje ukhululeke, cabanga sizobandawonye zonke lezinsuku uthuke kanje."

Sphe:"Kulungile."

Themba:"Yenza lokhu ojwayele ukukwenza mawukini."

Adonse umoya  uThemba abone ukuthi angasangeni naye emanzini.

Themba:"Hamba uyogeza kuqala ngizolandela mina."

Sphe:"Kulungile singageza sobabili."

Themba:"Unesiqiniseko?"

Sphe:"Eya."

Themba:"Buya la."

Asondele uSphe isifuba siya phansi naphezulu uze uphefumula kakhulu, uThemba enze ngathi akaboni amukhumule naye abe sezweni lakhe lemizwa. Azikhumule bayogeza ayizibe nje indaba yemizwa nokufisa kuqabula intombi yakhe. Bageze baze baqede ayogqoka izinto zokulala azifakelwe uBabalwa akushikho okuthandwa nguye. Angakhululeki nelihlo laThemba limuthuse kakhulu, phela ulokhu uyamubuka naye.

Themba:"Ngikufuthumuzele ukudla?"

Sphe:"Ngisuthi mina."

Themba:"Buya sizolala."

Bagibele phezu kombhede.

Themba:"Nzwakazi yami ukube uyazi uzitholele indoda enothando olunjani,  ubuzokhululeka ngeke ngikwenze ongakufuni."

Sphe:"Ngiyabonga."

Themba:"Uyasuza ebsuku?"

Ahleke uSphe akhohlwe nokuthi uzwa izinto angazazi ngaphakathi kuye ngoba aduze kangaka naye nokuthi uyamusaba.

Themba:"Phendula phela."

Sphe:"Angazi hawu."

Themba:"Ubabakho yena uyasuza?"

Agegetheke futhi uThemba makabona ahleka akhululeke amusondeze kuye kakhulu balale.......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

BABALWA🌼

Selokhu ngibone lomuntu kaSphelelo angikutholi ukuphumula. Indoda leya uyayibona inemali iwashi lakhe liyamemeza uSphephelo wazini nje.

Seside isikhathi kudlalwa ngami kepha angikaze ngibe nenhlanhla yokuthola isiqumama sendoda, uSphe aqala nokujola sekathola umuntu onjeya.

Izinto engingamenza zona ngeke akhohlwe yimina kumele ngibe necebo uSphe uzokhala athule athole enye indoda, lowaya sengimumakile ngeke.

Angilale ngizovuka ngenze icebo noma ngitshele ubaba ukuthi ayikho lento azokwazi kumushayela amubize. Ya ngizokwenza njalo

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHI46🌼

Wahamba uScelo ekhala ubemani eziqinisa phambi kwaNtwenhle wamisa imoto egaraji waziphuthaza ucingo akhumbule ulugcine emotweni. Abefuna ukubuka isthombe sikaNtwenhle nengane yakhe wabashutha uNtwenhle amuncelisa ibhodlela wazumeka naye. Aze amoyizele yedwa ngapha wehla izinyembezi.

Scelo:"UThandazo waze wahamba ngimunika inhlupheko nje angikwazi ngilokhu ngiba yigwala,iyodwa into engivimbile ngingasatholi umsebenzi. Angazi muntu ongangisiza kugeza igama lami uhulumeni angibuyisele ngamaphepha wami.

USambulo ubukeka kungumuntu owazi okuningi mhlawumbe mangingamubekela indaba yami uzongisiza ngiyathemba uzobona ukuthi ngimsulwa kulokhu. Nami ngiyanambuluka kube kudala ngamazisa angihambe akusizi ukukhala ngumele ngibuye ingane yami ayikwazi ukukhula kabhlungu nayo cha ngiyala."

Aqhubeke ecabanga ukuthi enze njani  ayibuyisele imoto emgwaqeni sekalibangise emuva uyokhuluma noSambulo kuqala, aze afise ukuthi kube unocingo amazise ukuthi uyeza.

Ashayele angemi ndawo aqonde efulethini likaSambulo yize kusebusuku kepha udinga usizo. Bangamuhluphi kakhulu esangweni abatshele ukuthi ungubani uze kubani bamuhlola kuthi bamungenise na emva kwemizuzwana bamuvulele. Makavela sekahle umulinde emnyango uyabona ukuthi umuvusile besekalele.

Amoyizele uSambulo alule isandla baxhawulane

Sambulo:"Besikhuluma ngawe namuhla nje kanti uzoza, unjani?"

Scelo:"Ngiyaphila."

Sambulo:"Ngena."

Amulandele bahlale phansi amubheke uSambulo.

Scelo:"Ngicela ukungena endlini encane."

Avume uSambulo ahambe ayongena asala abheka isikhathi ihora lokuqala abuye ahlale phansi.

Sambulo:"Uyabonakala kukhulu okusemahlombe ngitshele."

Scelo:"Ngiyaxolisa kukuvusa bhuti."

Sambulo:"Inkinga ayikho."

Scelo:"Ngifuna umsebenzi kakhulu kunakuqala."

Sambulo:"Bengikucabanga nje ngingakuhlanganisela kwenye yamashisa nyama."

Scelo:"Cha bhuti ngidinga usizo lwakho kuhlanza igama lami.."

Sambulo:"Awukakhulumi ndoda."

Scelo:"I'm a cardiothoracic surgeon by profession."

Sambulo:"Woooo musa ukungithuka ndoda mana ngitshele kahle uthi uyini?"

Scelo:"Ngiwudokotela wenhliziyo ngiqeqeshelwe ukuhlinza izinhliziyo ngikhona ukwenza noma ngabe yini okumayelana nenhliziyo."

Athuke uSambulo adideke

Sambulo:"Manje uhluphekelani?"

Amubheke uScelo.

Sambulo:"Ngiyaxolisa angiqondile kubuza ngendlela embi kwenzakalani kungani ungasebenzi?"

Scelo:"Ngenkathi ngisasenyuvesi kunomlungu engamujwayela saba abangani abazali bakhe besebangisiza ngoba bengifunda kabhlungu ngisokola. Ngingakhoni ukuthenga ukudla ngenhlanhla ngangifunda ngomfundaze.

Lomndeni wafana nomndeni wami besengingayi khabo Thandazo kwamanye amaholide kube uThandazo ozongibonela khona khabo Mark. Ngonyaka wokugcina umama kaMark wabanenkinga enhliziweni kwamele ahlinzwe. Akukho udokotela abamuthola ngoba ngapha emzansi bakhona bodokotela benhliziyo kodwa akusibo bodokotela abangochwepheshe abafunda yonke leminyaka engayifunda mina kanye naye uMark. Ubabakhe wase uthi sesizoqeda singakhona ukusiza. Wayengafuni inkosikazi yakhe ihambe.

Mina wangitshela kahle ukuthi ngeke abanemali yokuyolaphisa inkosikazi yakhe ngoba bebasiza mina ngemali. Ngavuma ngamutshela konke bengicabanga ukuthi kuyadingeka saphikisana noMark okumele kwenziwe ngagcina ngiphume ngihamba. Ngamugcina lapho saze sabhala saqeda mina bangiqhasha kulesibhedlela la bengifundiselwa kuso.

Ubaba kaMark wangithola khona ngelinye ilanga alethe inkosikazi yakhe kwakuseyiyo inhliziyo. Wangitshela ukuthi uMark wamuhlinza umawakhe walulama manje besekaqalile futhi yagula.

Angazi usathane bekafunani empilweni yami bhuti bekungakapheli nonyaka ngisebenza impilo seyiqala ukuthembisa. Akekho udokotela owenza lokho kwakhukhona omunye edabuka eGermany ngangihlala ngilandelana naye vele ukuthi ngifunde. Wahlinzwake umama kaMark mina ngangingathintanga ngisho okuncane ngangibukele lodokotela emuhlinza bonesi bamundlulisela akudingayo.

Angazi kwenzakalani wayesemudala vele washawa inhliziyo khona lapho asematasa kwase kusikeka lomama kabi wathula ngaleso sikhathi. Mina mangibona ukuthi sekashonile umama Mark nganaka udokotela amukhiphe nalonesi azange sifikephi wafa naye."

Aphuze amanzi kancane

Scelo:"Kwabukwa mina kuthi ngize nezimpendulo azange bangikholwe engangibatshela kona bathi angime kancane uhulumeni usafuna izimpendulo. Bathole ukuthi uke wahlinzwa phambilini umama kaMark ngendlela engekho kahle lobaba wathi yimi engamuhlinza ngaphandle kwemvumo yakhe bavumelana benoMark. Ngathweswa nalecala lalodokotela waseGermany kuthi abenempilo kahle kusho ukuthi mina kukhona engakwenza wabanjwa iheart attack. Bangiphuca ilungelo lokuqhubeka nokusebenza kanjalo ngingakakhoni nokwenza okuncane lokhu."

Asukume uSambulo naye aphuze amanzi

Sambulo:"Angiyazi into enje ndoda."

Scelo:"Kunjalo nje."

Scelo:"Manje mina ngingakusiza ngani ngoba angazani namthetho wabodokotela ngiyimi nje."

Scelo:"Ngisebenze kanzima kuthi ngifunde besengiphose ithawula vele kodwa manje ngifuna ukuba yilendoda engangiphupha ngiyiyo."

Sambulo:"Kukhone osomubonile?"

Abheke celeni uScelo

Sambulo:"Ukhona ngibona nje nangendlela ogqoke ngayo, ingane iphi?"

Scelo:"Inaye."

Sambulo:"Ushiye ingane yakho nentombi nje uyamuthemba?"

Scelo:"Ngempilo yami."

Sambulo:"Ndoda angadlali ngawe lontombazane, ngoba ngathi umuthanda kakhulu."

Scelo:"Nguyena bekanginakekela sonke lesikhathi manje ngifuna kuba yindoda ephelele, ubabakhe ukhulume amanye amagama ayiqiniso kodwa afike waba buhlungu kimi."

Sambulo:"Nginomngani engezwa kuthiwa sekanesibhedlela angazi kodwa anginayo nenombolo yakhe."

Scelo:"Bhuti lento ifuna uhulumeni kanye nomndeni kaMark ushintshe lento owayikhuluma ngami."

Sambulo:"Izovela indlela masengikuhlanganise nalomngani wami ndoda undlule kwenye into ustrong yazi."

Scelo:"Ngiyabonga."

Sambulo:”Ngiya ezweni,lakhe nomndeni wami kusasa singahamba sonke.”

Scelo:”Ezweni lalomngani wakho othi unesibhedlela?”

Sambulo:”Yebo.”

Scelo:”Makunjalo ithi ngiye kumama ngiyobonga ngizobona noThemba angikwazi kuvele nginyamalale.”

Sambulo:”Sho ndoda ushayele kahle uThemba kodwa udonsile kuncono uqale khona mina ngizokulanda kubo ekuseni.”

Scelo:”Sekusile vele ngisahamba ngiyabonga ngicela ungakhohlwa.”

Sambulo:”Ngeke wena sofana nentwana yami.”

Scelo:”Ungathuka mhlawumbe siyalingana.”

Sambulo:”Uneminyaka engakanani kanti?”

Scelo:”Ngeke ngisho ngikahle nilokhu ningibuka njengengane encane.”

Sambulo:”Ngizothola, awungitshele sewakhona ukuhlukanisa nalonokhenke wakhabo mawengane yakho?”

Scelo:”Lokho akukho nasenqondweni yami yazi.”

Sambulo:”Mawubuya kumele ukulungise ngoba usemathandweni nje uzovimbeka phambili nithi niyoshada.”

Scelo:”Uqinsile, usale kahle bhuti ngiyabonga.”

Sambulo:”Sho dokotela.”

Abuyele emotweni ahambe uScelo sekuyoshaya ihora lesithathu kusile nje manje, abone ukuthi angasayi kuThemba aqonde kwamaBaloyi…

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWATHEMBA🌼

USphe walala wazumeka elokhu ephaphama ebusuku abuke isoka lakhe alithandayo aphinde alale, manje sekulele yena uThemba onganabuthongo umubhekile uze acabange lezinto zakhe zobuntwana ahleke yedwa.

Avuke aye endlini encane abuye sekambulekile imizwa imiphazamise kepha azibambe abuyele engubeni. Amubambe agcine sekazumekile kuvuke uSphe kuqala ekuseni ngabo 6 makathi usuka embhedeni amubambe uThemba kuthi abuye.

Themba:”Uyaphi ekuseni kangaka.”

Sphe:”Ngiyogeza ngizokwenzela ukudla.”

Themba:”Ukudla sizokwenza sobabili masivuka ungazisebenzisi kakhulu.”

Sphe:”Ngempela ngeke uthi ngiyavilapha?”

Themba:"Anginasisebenzi mina sizokwenza konke ndawonye."

Sphe:"Noma sesishadile?"

Themba:"Noma sesinabantwana."

Amoyizele uSphe

Themba:"Awukangiqabuli yazi bengivuka ebsuku ngihalele lomlomo kodwa ngizibambe."

Azigubezele ngengubo uSphe ahleke uThemba.

Themba:"Ucashelani manje?"

Sphe:"Umlomo uyanuka ngizokuqabula masengigezile."

Themba:"Anginandaba mina."

Sphe:"Ngeke uwujabulele."

Themba:"Kulungileke."

Kukhale ucingo lwaThemba alubheke umawakhe.

Themba:"Ma."

MaBaloyi:”We Themba ngenkathi ushada nonwabu la wangiphulela imicrowave yami manje awusakhulumi ngayo, umfanami ulambile ufuna kufuthumeza ukudla kwayizolo ayikho imicrowave. Akakwazi kubasa istofu uzaze ashe njengawe.”

Ahleke uThemba uza amubuke uSphe naye amoyizele.

Themba:”Ngizoza neyami ma.”

MaBaloyi:”Hhayi angifuni izinto zamabhakaniya mina.”

Themba ”Yintsha mama angikayisebenzisi nokuyisebenzisa isasebhokisini layo. Tshela uScelo anganyamalali ngifuna ukumbona uSambulo abemufuna.”

MaBaloyi:”Ngikuphekelenike ndodana.”

Themba:”Ungapheki mama ngizobona ngidlani mangifika.”

Aluvale.

Sphe:”Uzohamba?”

Themba:”Sizohamba asambe siyogeza uzongiqabula, ubaba ngeke akhone kuwuhlola angithi wona.”

Ahleke uSphe

Sphe:”Ngizogeza ngedwa namuhla.”

Themba:"Ngobani izolo angikwenzanga lutho nje."

Sphe:"Ngikubonile kodwa."

Themba:"Ungibone ukuthini?"

Azigubezele futhi akhulumele phakathi kwengubo.

Sphe:"Ukuthi ufuna kuganga ngami."

Ahleke uThemba futhi.

Themba:"Ubone kanjani, uboneni?"

Sphe:"Hha uyazi nawe."

Themba:"Angazi mina ngitshele."

Sphe:"Ngibone ukuthi uyafuna hawu."

Ahleke futhi uThemba sekaze unezinyembezi emehlweni ngalokuhleka.

Themba:"Umuhle phela futhi ngiyakuthanda ngeke umnumzane athule vele."

Amubambe ngesandla sekasizakele uThemba ngoba umubonile makamuthinta naye uvaleka kuphefumula. Bahambe bayogeza bazilungise mabafika ngasemnyango sekumele bahambe.

Themba:”Umqabulo wami.”

Sphe:”Ngizokunika masibuya.”

Amudonsele kuye amuphakamise ubuso babhekane uSphe asheshe kususa amehlo kuye uThemba amubeke izindebe zakhe, ancibilike uSphelelo amuqabule aqale angenzi lutho uSphe ngoba akazi enzeni.

Agcine sekalandela lokhu okwenziwa nguThemba. Baqabulane uThemba amuyeke ngoba sekayahluleka uSphe azibuyelele yena baqhubeke amususe uThemba.

Themba:”Ubani lo owakufundisa kuqabula?”

Sphe:”Angikaze ngiqabule muntu ngiyaqala ngawe ngempela.”

Themba:”Ngiyadlala nzwakazi awusasiyo intombi emlonyeni manje.”

Bahleke baphume bahambe

Sphe:”Umama uzothini ngoba ngaleya mini wathi ngingumngani kasisi wakho.”

Themba:”Umama uyazi namanje uzozubhedela nje, ungamuthukutheleli uyathanda ukudlala yena.”

Sphe:”Ngeke ngiyamuthanda.”

Makafika afice imoto kaSambulo phakathi egcekeni kukhona enye behlike athathe imicrowave baye endlini. Mabangena nje amehlo kamaBaloyi ahlale kuSphe amoyizele uThemba ajabule avele azibonele ukuthi inhliziyo yakhe iyamamukela uSphe.

Themba:"My authi wenzani ekhaya ngingekho?"

MaBaloyi:"Nguyena soka lami ubabomncane wakho lo."

Themba:"Anganya awadle."

MaBaloyi:"Sphelelo ukhumbule uLungile?"

Abheke phansi uSphe.

MaBaloyi:"Ohhh uLungile ukuthume kubhuti wakhe, ngiyabona mntanami hlala phansi nginenzele ukudla."

Sphe:"Ngingakusiza ma."

Themba:"Hlala phansi sthandwa sami, ngisakhuluma noSambulo ngale ngiyabuya."

MaBaloyi:"Yewena Themba ibhakaniya alisadlali vele wawuqinisile?"

Agegetheke uSambulo

Themba:"Mama uqalile."

Babashiye bobabili ekhishini baye ngale kuScelo, uSambulo ulinde ucingo nje lwamawakhe bese bayahamba. BoNokubonga sebakhona nabo kepha balale ehotela thizeni.

MaBaloyi:"Ubukeka umuncane sesi?"

Sphe:”Ngikhulile ma.”

MaBaloyi:”Wuuu aboThemba kodwa, uyamuthanda yini ngempela noma uzifunela iblesser.”

Abheke phansi uSphe afihle nobuso.

Sphe:”Eya ma.”

MaBaloyi:”Ekhaya bayazi ukuthi ula?”

Sphe:”Umama uyazi kepha ubaba wazi okunye.”

MaBaloyi:”Laleka mntanami uphathe kahle indodana yami uyezwa, uyangikhathaza ngoba ungumuntu onothando kakhulu, kudala badlala ngaye. Ngingakuthemba kodwa?”

Aphe:”Ngithembe ma.”

MaBaloyi:”Akukho soka akufice unalo phela uThemba uyakhahlela.”

Sphe:”Angikaze ngibe nesoka ma uThemba isoka lami lokuqala.”

Athuke umaBaloyi amubheke

MaBaloyi:”We cheesecake.”

Asukume aye eziko noSphe amulandele.

Sphe:"UThemba uthe uhlala wedwa ma ngitshele kuthi ngikuphekeleni namuhla uphumule."

Athule umaBaloyi nenhliziyo yakhe ibe buhlungu ngoba ukube umyeni wakhe usekhona uyazi abezoyithanda lentombi kaThemba. Kuzo zonke ake wazibona ezinye amufihlela zona ezinye azibambe ayikho eke yamuchaza wayethula nje ngoba akafuni kube ngathi ukhethela indodana yakhe. Lona nguyena qobo lwakhe. Aphele ukuqina ahambe ayohlala phansi amubukele elokhu emukhomba akubuzayo.

MaBaloyi:"Angikusebenzisanga mina angithi nguwena."

Sphe:"Uma angangishaya kabi makangangena la angifice ngihlezi wena umntomdala asebenza."

MaBaloyi:"Kulungileke sesi."

Baqhamuke uThemba amangale makabona uSphe eziko umawakhe ahlezi phansi, phela  akafuni muntu ekhishini lakhe uthi uyazenzela yena. USphe abheke uScelo kakhulu ngathi uyamufanisa, abamunakile la endlini kepha uScelo uyamubona. Adonse umoya kancane uSphe akhiphe ucingo lwakhe abheke lesithombe sakhe nomamMakhulukhulu umubona ngathi ufana naye.

MaBaloyi:"Hawu wase uhamba ngezinyawo ndodana soyathwasa."

Scelo:"Eish mama amateki ami ala ngaphandle namasokisi ngizokugqokela ngaphandle."

Sambulo:"Ziyanuka izinyawo zalendodana yakho sekakhumulela ngaphandle."

MaBaloyi:"Zinhle kodwa azifani nalezi zenu, amanxeba ani lawa ndodana?"

Azibheke uScelo naye uphazanyiswa iso likaSphe.

Scelo:"Ewokusha ma."

Sambulo:"Sebangishayele asambe ndoda kudala bashaya ngilibele ingevu."

Scelo:"Mina ngilambile."

Sambulo:"Sizodla ngendlela."

Scelo:"Ithi ngihlanganise lesibhicongo sami siyashesha."

Sambulo:"Yini lokho?"

Scelo:"Amaqanda notamatisi."

Themba:"Ayyy sies ndoda ubani odla into enjalo."

MaBaloyi:"Anazi lutho nina."

Scelo:"Umawami wayekuthanda kabi lokhu."

USphelelo uhlala amenzela umamMakhulukhulu lento, kukhale ucingo lukaSambulo futhi baphume sekashesha athathe amateki akhe ngaphandle. Asale ecabanga kungenzeka yini indodana ahlala akhuluma ngayo le, nakhu ubone ukufana yize yena ngenxeba lokusha umamMakhulukhulu…

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

UNtwenhle uvuke wageza namuhla uvele wafaka amanzi ebhavini elikhulu wangena nengane yakhe khona. Bahlala nje elokhu eyigeza eyidlalisa ngapha wehla izinyembezi.

Uyezwa noma kukhona okokodayo azithulele nje amemeze umawakhe aze asuke emnyango angamuphenduli. Amanzi masewaqala ukubanda amuphuthele ngethawula ayomubeka embhedeni, aziphuthele naye amulungise. Kubekhona okokodayo futhi ahambe ayovula azithele kuGabsile afulathele ayoqhubeka nakwenzayo, uyabona uGabsile ukuthi akamuzwisisi.

Gabi:"Ulale njani?"

Ntwenhle:"Ngingakusiza ngani nkosazana?"

Amubheke uGabsile athule.

Ntwenhle:"Ngifuna ukulala uma kungekho ozokusho."

Gabi:"Awukadli nje, nasekuseni awuzanga kuzodla."

Ntwenhle:"Bengingafuni kuphazamisa umndeni uphelele."

Gabi:"Umama ukhathazekile ngawe Ntwenhle."

Ntwenhle:"Umawami lowa waziwa yimina."

Afulathele uGabsile abone ukuthi amuyeke aphume makafika ngaphandle ezwe acasuka ajike abuyele phakathi. Makangena uNtwenhle amurolele amehlo.

Gabi:”Ntwenhle mina angizanga la kuzodlibhiza umndeni wakho, bengifuna ubaba ngamuthola, angizicelelanga futhi ukuvelela esimeni engivelele kusona anginamsebenzi futhi nalokho. Engikwaziyo ukuthi ngikhule ubaba wami angekho duze nami, manje ukhona ngeke ngiyeke ukuba naye. Mangabe wena lokho kukwenza ucasuke kusho ukuthi uzocasuka impilo yakho yonke ngoba angiyi ndawo futhi uzocasuka  uwedwa ngoba wonke umndeni ungamukele ngisho nabobhuti. Mangicabanga ukuthi ngibuye ngijahile kuhlangana nawe ngicabanga ukuthi sizoba abangane kanti kuyafana nje mxm.”

Makafulathela azilahle embhedeni uNtwenhle abeke izandla ebusweni akhale adonse umoya uGabsile ajike asondele kuye.

Ntwenhle:”Ngiyaxolisa angazi nginani.”

Gani:”Indaba zesoka mhlawumbe?”

Avume ngekhanda uNtwenhle

Gabi:”Nixabene kwenzakaleni?”

Ntwenhle:”Izolo abela ngoba ubaba uthe ufuna ngimlethe, ubaba wakhuluma zonke izinto ezibuhlungu kuye.”

Gabi:”Utheni uze ukhale kanje?”

Amuxoxele konke okwenzekile.

Ntwenhle:”Okubuhlungu kakhulu ukuthi angimazi unjani la akhona nalu ucingo lwakhe ulukhohliwe, angazi noma uzokhohlwa yimina usazobuya kimi nje.”

Ahlale phansi  uGabsile amuhage.

Gabi:”Uzobuya wena kumele uqine ufune umsebenzi ubemuhle umulinde wenzele ukuthi mzukwana abuya akufice uyilesithandwa sakhe asishiya angabuyi sogugiswe ukukhala. Buka umosha lobuso bami ngalokukhala.”

Ntwenhle:”Ngiyaxolisa ngokukuthatha kabi."

Gabi:”Akunankinga, gqoka sizophuma angiyazi mina lendawo uzongibonisa yona.”

Ntwenhle:”Angikwazi kushiya uMpilwenhle.”

Gabi:”Ngeke sihambe ngezinyawo angithi, uzoshayela umamkhulu amugone.”

Ntwenhle:”Hhayi ukuthi umamkhulu uzoshayela mina ngimugone.”

Gabi:”Wuuuu umamkhulu akakwazi kushayela.”

Ntwenhle:”Kulungile vele ngifuna ukuya kamamMalukhulukhu  sizoya sonke.”

Gabi:”Ngisayogqoka nami la endleleni akukhalwa angithi.”

Ntwenhle:”Ngiyajabula ukhona kudala ngifisa ukuba nosisi kodwa ngangifisa omncane kunami hhayi omdala.”

Gabi:”Sengikhonake sesi omncane futhi angiyi ndawo and ngimudal."

Bazilungise uBiyela uzihlezele phansi kwesihlahla ujulile ucabanga lomfana isoka likaNtwenhle abone sebaqhamuka baya emotweni.

Gabi:"Hamba uyovalelisa ubaba uyazishaya manje."

Ntwenhle:"Uqinsile."

Basondele ababheke

Ntwenhle:"Uphi umama baba?"

Biyela:"Uqeda kuphuma manje  eniMduduzi noLungile baye estolo."

Ntwenhle:"Uzosala wedwake ngoba nami nosesi wami khona la esiya khona."

Biyela:"Ningabuyi sekuhwalele phela."

Bagibele emotweni uGabsile ahlale noMpilwenhle ngemuva Ntwenhle ashayele.....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 47🌼

KWAMADLOKOVU🌼

Zodwa:"Madlokovu uthe namuhla uzongidedela ngihambe."

Madlokovu:"Isikhathi asikafiki sokuthi ubone ilanga."

Zodwa:"Ngikhathele manje ngidedele umyeni wami ngiyacabanga ukhathazekile ngami."

Madlokovu:"Mana ngalowo angimuboni nhlobo kuthi ukuphi unyamalele nje ebusweni bobumnyama."

Zodwa:"Kusho ukuthini lokho?"

Madlokovu:"Ungazikhathazi ngalokho wena kumele uphumule nje ebusuku sizoqala futhi."

Zodwa:"Kunini ungiginqa angisakhoni."

Madlokovu:"Wazisholo ngomlomo wakho kuthi ngikuravaze ngenza lokhoke, ave umnandi ngane yomuntu."

Abone nje uZodwa ukuthi udlala ngesikhathi sakhe elokhu encenga azithulele.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UNtwenhle noGabsile bahamba ezilelele nje uMpilwenhle.

Gabi:"Uyalithanda lesoka lakho ne?"

Ntwenhle:"Kakhulu, yazi into engiyenze naye bengingacabangi ukuthi ngiyoke ngiyenze emuntwini."

Gabi:"Umama uyithathe njani indaba yokubuya usunengane."

Ntwenhle:"Bazothini kepha baye baxola mabezwa ukuthi ingane eyakhe."

Gabi:"Ntwenhle wena uthandana nomuntu onengane encane kangaka, uhlukaniswe yini benomawayo?"

Ntwenhle:"Uyabonake kungani bengingafuni ukuba nosesi omdala kimi, buka manje sodlala amaduties okuba mdala.

Gabi:"Phephisa hawu kusho ukuthi kusegazini."

Bahleke

Ntwenhle:"Gabi ngiyamuthanda lomlisa ngiyabona nje makangabuyi ngizofa yazi ngibuye ngithuke nje kuthi uzothola omunye. Ukube ngamunika ubumina kuncono abezobuya, manje nami ahhh."

Gabi:"Ufuna kungitshela ukuthi benihlala nje ningenzi lutho?"

Ntwenhle:"Besisoma."

Amemeze uGabsile bahleke futhi

Gabi:"Isono esingaka Ntwenhle."

Ntwenhle:"Ngimulindile manje makafika nje ngidedela igazi, mangabe uzobuya."

Gabi:"Uzobuya khululeka nawe, ube yiloNtwenhle bebamuchaza."

Bafike ngaphandle kukhona umamMkhaliphi ume emnyango..

Gabi:"Sizokwenzani la?"

Ntwenhle:"Lo umam Malukuluku usefana noma kimi ngamusiza ahlaselwa abantu."

Gabi:"Wow Ntwenhle ave unenhliziyo enhle."

Ntwenhle:"Into ebuhlungu ngaye uhlala ebalisa akhala ngendodana yakhe eyakhona ukubaleka, mina angikholwa ukuthi isaphila mhlawumbe bayibamba labantu."

Gabi:"Awumtsheli lokho kodwa?"

Ntwenhle:"Uzozibonela nawe makakhuluma ngengane yakhe ubuso bugcwala impilo, uthando nenjabulo nje ngeke ube namandla okuswabisa lokho."

Gabi:"Nguyena mamMalukhu lo?"

Ntwenhle:”Cha umakhelwane ngacela indodakazi yakhe ingibhekele uma, mina ngithumela ukudla nje nakhona ngisizwa umama.”

Gabi:”Yazi Ntwenhle ngiyazibona ukuthi mina ngikhulele emndenini obungasiwo owami, ngiyahalela nje ukube kudala ngikhona ngizokusiza yinhle lento oyenzela lomama."

Ntwenhle:”Nami ngiyafisa.”

Basondele bangakabingeleli nje bezwe isililo ngaphakathi endlini, umamMkhaliphi naye uyakhala ulokhu uyazisula.

Ntwenhle:”Uyakhuleka futhi?”

MamMkhaliphi:”Into yansuku zonke le mntanami makayedwa nje uthola ithuba lokukhuleka. Ohh Mnini mandla onke kanti uzwa imikhuleko yabanjani.”

Bahlale ngaphandle aze aqede bamulinde isikhashana.

MamKhaliphi:”Ngenani bantabami mina sengidabuke kakhulu ngeke ngisakhona ukumubuka.”

Ntwenhle:”Uphi uSphe ma?”

MamMkhaliphi:”Wuuu uSphe wakho useqomile uvakashele isoka lakhe.”

Ntwenhle:”Hayibo ma uqome nini.”

MamMkhaliphi:”Ngizokushaya mina uzongibuza izindaba ezingangifuni zokuqoma.”

Ahleke uNtwenhle

Ntwenhle:”Mama nguwena ongixoxelile nje.”

MamKhaliphi:”Ngiyabuya ngisayokwehlisa umoya.”

Bangene endlini uNtwenhle abeke umuno emlonyeni wakhe kuthi angakhulumi uGabsile.

MamMakhu:”Uyazi angithi ngiyazi ukuthi ukhona iphunga lakho ngiyalizwa.”

………

MamMakhu:”Ntwenhle.”

Ntwenhle:”Ayyy wena mama uyasikhohlisa uyabona ngeke nje.”

MamMakhu:”Ngakutshela ukuthi shintsha amakha akho ngeke ngizwe, lamakhala ami ayasebenza.”

Ntwenhle:”Unjani mama kodwa?”

MamMakhu:”Mutshele lowo asuke emnyango wakwami.”

Asondele uGabsile

Gabi:”Sawubona ma.”

MamMakhu:”Waze wanephimbo elizothile hhayi lomaqinasi lona, wena uzoshada indodana yami.”

Ntwenhle:”Mama kodwa mina kanti ngeke ngishade naye umupha bonke labantu kepha mina awufuni.”

MamMakhu:”Ngakutshela ukuthi uqine kakhulu uzoqinela ingane yami.”

Ntwenhle:”Ayyy nami angisamuhaleli nginomuntu wami.”

Ahlale phansi uGabsile.

MamMakhu:”Wuuuu ngaze ngayizwela leyongane yabantu.”

Bahleke bonke

MamMakhu:”Ninjani kodwa mntanami?”

Ntwenhle:”Ngiyaphila ma.”

MamMakhu:”Iphimbo lakho ligcwele usizi.”

Ntwenhle:”Ngikahle ma.”

Zehle izinyembezi makasho njalo azisule

MamMakhu:”Enhle unamanga.”

Ntwenhle:”Isoka lami.”

MamMakhu:”Liyajola?”

Ntwenhle:”Cha, ma lomlisa ngiyamuthanda kakhulu futhi kodwa izolo uhambile athi uyofuna umsebenzi azokwazi kusinakekela. Nami ngiyafuna azimele kepha inhliziyo yami ibuhlungu futhi ngithukile makangabuyi asahlangana nomunye le.”

Aqhubeke elokhu ebalisa aze adele.

MamMakhu:”Uzobuya mntanami kanti makangabuyi nguyena olahlekelwe umuntu abezomthanda amuhloniphe. Wena nje hlala uzifunele umsebenzi makabuyile ubuyile, makangabuyanga akabuyanga futhi.”

Amoyizele nezinyembezi uNtwenhle.

MamMakhu:”Ubani lo ohamba naye?”

Ntwenhle:”Usisi wami lo omdala igama lakhe uGabsile.”

MamMakhu:”Unjani ndodakazi ngiyathemba awuphaphi njengalosesi wakho, buka manje isoka lakhe lize lamubalekela lenza ngathi liyofuna umsebenzi.”

Bahleke bonke

Ntwenhle:”Hawu ma usungaze uhlekise ngosizi lwami kanje.”

Akhale uMpilwenhle amangale umamMakhu

MamMakhu:”Ngiyezwa yazi ukuthi kukhona ukuthula enihamba nako kanti niphethe ingane. Muletheni la kengigone ingane nami encane kwazi bani hleze ngeke ngibe nabo abazukulu nayi indodana yami yadliwa izintaba.”

Gabi:”Mama ungaphikisi umkhululeko wakho wamanje, mawukhuleka ungabese  ukhuluma into ezosula lomthandazo, izobuya indodana yakho.”

Abambe izinyembezi umamMakhulukhulu azizwe ziyamushisa emehlweni kepha aziqinise.

MamMakhu:”Ngiyakuzwa ngane, lethani lomuntu okhalayo lo, waze wakhala kangaka.”

Bamundlulise  amushushuzele bamunike nebhodlela amuphuzise, agcine sekadlala angasakhali usasezandleni zikamamMakhulukhulu.

Ntwenhle:”Udlani namuhla ma?”

MamMakhu:”Angidli ngane yami ngizodla kusasa.”

Ntwenhle:”Ungangitsheli ukuthi usebhandeni futhi ma?”

Athule uma angaphenduli alokhu aphuthaza uMpilwenhle emuphulula kancane naye uthulile ngathi ulalele lento enziwa yona.

MamMakhu:”Yabani lengelosi enihamba nayo, muhle ngiyacabanga.”

Gabi:”Awuboni ngempela vele ma?”

Ntwenhle:”Nami ngihlala ngimusola yazi uyabona lomama.”

MamMakhu:"Siyaphapha futhi ngizalibiza lesoka libuye liphinde lihambe futhi. Manje wena sokhalelana nomfana kanje sofohlisile nasesibayeni sikayise."

Ntwenhle:"Cha ma."

MamMakhu:"Uqhubeke nokuziphatha kahle ngane yami ungichaza ngalokho nje."

Bahlala usuku lonke baze bapheka sebabulawa indlala okwama bakuvala ngoba wanqaba ukudla. Masekuqala ukuhwalala bavalelisa kahle.

MamMakhu:"Nibuye phela bantabami."

Ntwenhle:"Sengilinde imiphumela ngizohlala ngiza ngizokuqedela ukudla uzoze ungixoshe."

MamMakhu:"Mina mawunami nje mntanami ngeke nginake nokuthi ngilambile."

Asondele uNtwenhle amuhage.

MamMakhu:"Ungasakhali kakhulu mntanami inhliziyo yakho emnene izolibuyisa isoka lakho, naku umselele nengane ubani ongenza lokho. Hamba uyofuna umsebenzi unakekele lendodakazi yenu. Umulethe makabuya ave ngihalela ukubona lomuntu okudlisa ngamaphayiphi ngalohlobo."

Ntwenhle:"Ngizomuletha ma futhi uzomuthanda."

Bagibele emotweni bahambe sekanconywana noNtwenhle futhi.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

ENDLELENI 🌼

Bahamba njalo belandelana uSambulo ugibele nomawakhe kanye noScelo, uMlungisi balandele benoNokubonga, azange babonane vele. Bathe bangabona imoto yabo iqhamuka wayisusa uSambulo eyabo. Sebangena ezweni lakhona manje umamkhulu uphansi ngenye indlela noSambulo uyamubona unina ukuthi akekho kahle akafuni nokumuphazamisa emcabangweni wakhe.

Sambulo:"Mama sesifikile shayela lenceku."

Scelo:"Ulele uma awunazo izinombolo."

Sambulo:"Muvuse."

Scelo:"Haaa ndoda muvuse wena."

Amise imoto eceleni aziphaphamele umawakhe.

Sambulo:"Ma awukho kahle."

MaButhelezi:"Mntanami ngiyazibuza ukuthi sibizelwani sonke yini le engingakhoni kuyibona."

Sambulo:"Uhlala usho mama ukuthi umsebenzi wakho uyaphazamiseka uma ungekho kahle emoyeni."

Amoyizele umawakhe.

MaButhelezi:"Uqinsile ndodana, asambeni ngikahle."

Sambulo:"Shayela inceku ikulayele sesifikile."

MaButhelezi:"Haywena mfana sifikile ubundiza na?"

Akhiphe ucingo lwakhe amushayele anike uSambulo ucingo.

Sambulo:"Mama khuluma naye ngizothini mina kulomuntu osabeka kanje."

Alubeke endlebeni yakhe umawakhe

MaButhelezi:"Sesifikike nceku."

Nceku:"Nikuphi manje?"

Athalaze umaButhelezi

"Bamba kancane nginike indodana yami."

Amunike uSambulo achaze la abakhona nemoto yaboMlungisi seyimile emva kwabo.

Mlu:"Uzizwa njani manje?"

Noku:"Sengikahle angikaze ngihambe indlela ende kanje."

Mlu:"Uzojwayela phela siyohlala sisendleleni masengisesihlalweni."

Noku:"Kuyalunga kodwa ebukhosini?"

Mlu:”Indlu seyiphakeme manje, ilemvula ephazamisile kube sekufulelwe futhi.”

Noku:”Ucabangani ngendaba kaNtwenhle?”

Mlu:”Angifuni kumubona aphatheke kabi manje lokhu esimushiye ayikho kuyangilimaza nje, uzokhula kodwa. Ngifisa nokubona lomfana futhi ngixolisele umndeni wami.”

Noku:”Ngiyacabanga la akhona uyazwisisa ubaba uyamuthanda uNtwenhle akafuni ngaye.”

Mlu:”Lamagama awakhiphile kodwa abuhlungu.”

Noku:”Ubabakhe phela bengeke avele athi ngiyakwamukela soka lengane yami. Futhi abengasazi isimo sakhe ukube bekanomndeni bengeke aphatheke kabi amagama bengeke abe buhlungu. Abe buhlungu kakhulu ngoba ayiqiniso. Vele iqiniso umuntu uyazondlela ingane yakhe ukube abesebenza bengeke ahlatshwe igama lokuthi uyisahluleki. Legama limuhlabe ngoba uzizwa ayiso vele. Akukho okubi ubaba akushilo uyindoda engeke idedele indodakazi yakhe kalula.”

Amubheke uMlungisi aze amoyizele

Mlu:”Uyabona wena uyindlovukazi ngempela yonke lento oyikhulumayo uqinsile nami sengiyibona ngenye indlela kanti bengiswabile.”

Noku:”Uzoyilalela indlovukazi yakho mayikhuluma?”

Mlu:”Ngizoyilalela.”

Noku:”Manje thatha ucingo ushayele ubaba umtshele lamagama azoyeka kuzishaya naye.”

Alukhiphe vele amushayele nangendlela aluphendula ngalo iphimbo lakhe  liyezwakala ukuthi uphansi.

Mlu:”Unjani baba.”

Biyela:”Ngikahle ndodana, ingabe senifikile?”

Mlu:”Sifikile simile manje.”

Biyela:”Kulungile ngizomazisa nomawakho.”

Mlu:”UNtwenhle unjani?”

Biyela:”Uvuke wahamba benoGabsile lokhuya ekuseni abakabuyi.”

Mlu:”Kuncono uzopholisa ikhanda makanosesi wakhe.”

Biyela:”Kunjalo ndodana.”

Mlu:”Baba nawe ngiyakuzwa awukho kahle.”

Biyela:”Ngizizwa njengosathane.”

Mlu:"Kanti awusiye baba wena wenze okujwayelekile uvikele indodakazi yakho, akukho skhotheni ozofuna kungena kalula athathe ingane yakho. UScelo uye wathinteka ngoba amagama omubize ngawo asuke waqondana nesimo akuso.

Ukube abenomndeni asebenza bengeke ahlabeke. Wena ukhulume lokhu ngoba indlela obuzizwa ngayo ukhulume iqiniso. Kudala uwa uvuka noNtwenhle umukhulisa akukho lula kuthi umudedele kanjalo nje. Xola manje khehla lami uzaze ushawe inhliziyo ungasaboni ezinye izizukulu ezisendleleni, kanti ziyeza.”

Biyela:”Hawu ndodana waze wakhulumisa okwenkosi nqobo lwayo ngiyabonga kungikhulula mfanami.”

Mlu:”Manje hamba endlini uyolula umsipha.”

Ahleke uMlungisi avale ucingo lwakhe noBiyela asale anikine ikhanda ngale, kuqhamuke enye imoto ime kancane kule yaboSambulo bese ziyasuka zilandele le efike mveni . Bahambe ibangana nje bangene endlini enkulu enhle bangene phakathi.

Mlu:”Ngeke ngingene mina sthandwa sami.”

Noku:”Cha ngena Mgazi.”

Mlu:”Phela lento ezokwenzeka la phakathi imayelana nobaba okuzalayo cabanga nomkhwenyane abe alapho.”

Noku:”Ngiyakuzwa kulungile.”

Aphune emotweni noSambulo sekaphumile benomawabo, noScelo uthe uzolinda ngeke angene, kuphume omunye wesimame endlini abamukele abangenise.

KWATSHABALALA 🌼

Bangene bahlaliswe kusofa uSambulo avele ezwe iphimbo likaBonga baze babhekane iqhamuke inceku ibabingelele baxhawulane bahlale phansi.

Nceku:"Ubaba ukahle manje kakhulu futhi uzokumangaza nawe."

MaButhelezi:"Uphi manje?"

Nceku:"Usaphumile benobaba bazobuya nje kungekudala, nobaba sekazitholele umngani."

MaButhelezi:"Lo obanga umsindoke."

Ihleke inceku

Nceku:"Usazohlala kancane yena kodwa ubakahle uhlangene nezinye inhlanya."

Sambulo:"Akakuhluphi kodwa?"

Nceku:"Akahluphi nakancane usheshe wajwayela, uyasebenza nasesontweni bayamuthanda abazalwane unogazi nje. Abantu abasha ubadansisa into engapheli."

Bamoyizelelane inceku ilokhu ibuke uNokubonga sekaze akahlalisekanga uyashalazela uNokubonga, owesifazane obahlangabezile asondele nokokuphuza akubeke etafuleni.

Nceku:"Inkosikazi yami lena ma."

Bamumoyizelele.

Nceku:"Bheka uma nendodakazi yakhe ungitshele ubonani."

Ababheke amehlo akhe ahlale kakhulu kumaButhelezi bese ubheka umyeni wakhe.

Sphila:”Mam..”

Amungene emlonyeni

Nceku:”Ungakhululeka vele kunjalo, mama makufika umyeni wakho kukhona la engizoniyisa khona kuqala angazi kwenzeke njani ngingakuboni mangifika le ekhaya.

Ndlovukazi yaseMgazini uqine uvikele umndeni nesizwe sakho kuthi ungahlukani phakathi. Iyeza impi biza umyeni wakho kanye nalomfana enimushiye ngaphandle.”

Asukume uSambulo aqale ngoScelo bese uya kuMlungisi bamangalelane, ingqondo kube khani ibuya kuMlungisi kuthi ilomfana wayehlushwa boNjeza.

Mlu:”Hawu kude kangaka?”

Scelo:”Amadlelo aluhlaza ngizowacinga ngapha.”

Mlu:”Uxolo ngalento eyenzekile ekhaya my authi.”

Scelo:”Nami ngingakwenza lokho enganeni yami, bekunzima ukugwinya amagama kababa kepha abeneqiniso futhi.”

Sambulo:”Sengikhamisile phela manje.”

Mlu:”Isoka likaNtwenhle.”

Sambulo:”Usitholile isibhakela yena?"

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 48🌼

KWATSHABALALA🌼

Bangena bonke endlini bahlala phansi inceku ibabuke seyimile yona ifake nezandla ezikhwameni, masebahlezi kahle bonke. Abheke uScelo eside isikhathi.

Nceku:"Bhungane uyaphila."

Scelo:"Ngiyaphila."

Nceku:"Naba bangena abantu abadala."

Asukume umaButhelezi aqonde emnyango uNokubonga babhekane benoSambulo inceku ibambe ukuhleka. Imoto ithe ima wabe sekaphumile umaButhelezi, naye wayibona inkosikazi yakhe ubabThobela wafunda kwezakhe nje kuthi nguyena nkosikazi owamulinda yonke leminyaka.

Ehlike uButhelezi asondele umkakhe ayoziphosa kuye ubabThobela abashiye lapho basahagene ayongena endlini.

BabThobela:"Sanibonani bantabami."

Sambulo:"Sawubona baba."

Bamuxhawule bonke inceku ibazisa ngamunye ngamunye makafika kuNokubonga angamuyeki amubuke uMlungisi amangale kuthi ibukwani kangaka indlovukazi yakhe.

BabThobela:"Thabo."

Nceku:"Ba, nguyena nangu ubhuti wakhe yena ulanywa uBonga."

BabThobela:"Uphi umawakho?"

Nceku:"Uphume noThobela."

Aqhamuke uBonga ulandelana noMandla bayakhuluma abazi nokuthi babanga umsindo wani , mabandlula ngasemnyango ovuliwe ahlahle amehlo uBonga.

Bonga:"Hayibo baba."

Abuye abheke labantu abagcwele indlu akhohlwe ubabakhe azohaga usesi wakhe, axhawule nomfowabo bajabulelane , abingelele noMlungisi noScelo.

Mandla:"Wenzani ubaba ngoba bekakuthusa."

BabThobela:"Mandla."

Bonga:"Nizongilanda?"

Mandla:"Hayi ndoda usasenensila awuyi ndawo kusamele ugezwe strong."

Bahleke

Thabo:"Mandla ngicela uphume noBhungane kuningi azokutshela kona."

Mandla:"Hawu bafo noma sengiwumfundisi uyangixosha  makukhulunywa ezinzima."

Bahleke bonke baphume benoScelo, kungene boButhelezi kufike nomamThobile angene abingelele anganakile, akhuphuke izitebhisi. Yena uzitshela ukuthi abantu bakaThabo abadinga usizo.

MamThobile:”Nomahlubi ngiwutholile usize wakho woza uzobona.”

Nceku:”Asihlaleni phansi.”

MaButhelezi:”Cha nceku umawakho uqeda kubi.”

Amungene emlonyeni

Nceku:”Asihlaleni phansi.”

Bahlale phansi kepha umaButhelezi inhliziyo ikumamThobile ulokhu ubheke la asithele khona, ubabThobela akhuphuke naye ngoba izaze ibuye  inkosikazi yakhe..

Nceku:”Mam Buthelezi umndeni wakho usukahle kodwa mangilokhu ngisebenza kunento engambulelwe yona engiphazamisile.”

Bamubuke bonke

Nceku:”Sebayalazi bonke iqiniso mayelana nengane eyathathwa?”

MaButhelezi:"Bayazi ndodana."

Nceku:"Angiqondile kuxabanisa umndeni."

Buthelezi:"Khululeka ndodana ingxabano isemuva."

Uphendula ubheke inkosikazi yakhe.

Nceku:"Usisi wakho ingane."

Kungene uJJ elandelana noMthokozisi

Thabo:"Ningangena uphi umama?"

JJ:"Bayehla angazi benzanani langaphandle."

Aphinde futhi uJJ abheke uNokubonga, uMlungisi amubone bese ubheka indlovukazi yakhe ayifice ishalazela. Bangene kuqale umama kaJabu kuqala ulandelwa umyeni wakhe, uThabo azifakele izandla emakhikhini athule. Basondele uSambulo abone umaThwala kuqala asukume vuthuthu abheke umawakhe.

Mababona lokwenza kukaSambulo abhekise amehlo ngala abuke khona umaButhelezi. Asukume naye babukane benomama Jabu, bese uphakamisa amehlo ubheka uThwala. Ngempela nguyena myeni kasesi wakhe lo. Basondelane umaThwala amubambe ezihlathini zombili.

MaThwala:"Nelisiwe ngane kama."

UJabu babhekane benoMthokozisi babona umawakhe ehlangana nosesi wakhe, futhi akudingi ncazelo kuyazisho nje. Bahagane lapho bakhale kuze kuphume nobabThobela benomyeni wakhe bazobukela bahlale bonke phansi uThwala benoButhelezi baxhawulane.

Thabo:"Nakhu benginibizele kona ma kusele okukodwa."

MaThwala:"Mana kancane ndodana Nelsiwe kodwa."

MaButhelezi:"Baphi abafana bakho yazi ngangihlala ngikhala ngabo, umyeni wakho angakutshela."

MaThwala:"Naba, lona nguyena omdala."

Amubheke umaButhelezi

MaButhelezi:"UMthokozisi bese kulandela uJabulane, buyani la madodana ami."

Kuqale uJabu ayomuhaga kulandele uMthokozisi.

Mtho:"Mina ngiyakukhumbula kancane, ngisalukhumbula nosuku engagcina kukubona ngalo noma kungasacaci kahle kepha ngiyakukhumbula."

Abuye amuhage futhi

MaButhelezi:"Naba bafowenu indodana yami yokuqala lena uSambulo, uNokubonga bese kugcinela uBonga."

UJabu aziyele kuSambulo bahagane eside iskhathi uNokubonga ayohaga umaThwala kanye noThwala kanye noBonga.

Thwala:”Wena uyafanake nenkosikazi yami.”

Mtho:”Nami selokhu ngingenile la ngibheke yena.”

USambulo benoJabu bangayekani balokhu bebhambathana emhlane kuningi abakwenza ebugebengwini babo. Kuningi kushaqisa umzimba, bonke baze bababheke uJabu uze unezinyembezi emehlweni.

Buthelezi:”Kukhona esingakwazi?”

Sambulo:”Kuningi baba.”

Jabu:”Kudala thina sahlangana ekuhambeni kuningi savikelana futhi mama uyalibona lenxeba la.”

Akhuphule isikibha aziveze emhlane afulathele umawakhe.

Sambulo:”Wathatha inhlamvu evikela mina, angazi kanjani ngoba amaqembu ethu wayelwa eyizitha, mama mina kube kudala ngafa.”

MaThwala:”Bekufanele akuvikele ungubhuti omdala kuwe.”

MaButhelezi:”Lona umyeni kaNokubonga.”

BabThobela:”Ngihle ngabona ngeso mangibuka uNokubonga.”

Bahleke naye ahleke uMlungisi uJabu aye kuNokubonga

Jabu:”Ngakusola ngaleya mini kepha ngangazi nokuthi ngithini kubani indlela ofana nomama ngayo.”

Bonga:”Ubucabanga ukuthi ubona umawakho asasemncane.”

Babuye bahleke mabahlala phansi uSambulo abuye bahagane noJabu bese uxhawula uMthokozisi.

Thabo:”Kunengane.”

Athule abheke labosesi abaqeda kuhlangana.

Buthelezi:”Khuluma ndodana ngilindele noma yini unkosikazi abesekhulumile.”

Thabo:”Bomake ingane kadadewenu mamNomahlubi wayithatha wayoyibeka komunye umuzi emnyango lapho bebafuna ingane bangayitholi. Bayithatha bayikhulisa kuthe maseyindala yaphuma endleleni, nayo futhi uSambulo uyayazi.”

Bonke babheke uSambulo naye omangele.

Thabo:”Yafa mhlazane nibhekene nemamba eMgazini lo wayephethe ingane yenkosana yaseMgazini  kuthi kuzohlatshelwa ngayo.”

Bathuke ikakhulukazi uMlungisi ngoba uhle uyayibona.

Mlu:”UBudayza my authi.”

Bathuke abheke indlovukazi yakhe abe namahloni akasazi noma nguyena owamudubula noma umfowabo kepha omunye wabo wachitha igazi lomuntu wakhabo ndlovukazi yakhe.

Thabo:"Benisempini nkosi yesizwe akusiphutha lamuntu"

Thabo:"Indaba nayi umama walomfana kumele aziswe ngalokhu uma kuzoba nemfihlo enje uBonga ngeke zilunge izinto zakhe ngoba kufana nokuthi uphila impilo yakhe. "

Babhekane bosisi

MaThwala:"Ningixolele mina ngangenza noma ngabe yini ukusiza usisi wami."

MaButhelezi:"Namanje ngisengenza noma ngabe yini ukukusindisa mntana ma."

Thabo:"Ningakhululeka"

Aphume uThabo basale bazisana kumndeni wonke uSambulo athole ithuba lokukhuluma noJabu ngendaba kaScelo. Amazise konke njengoba injalo.

Sambulo:"Mhlawumbe ungamupha umsebenzi."

Jabu:"Ngeke akwazi ukusebenza ngaphandle kwamaphepha obudokotela, uyayithemba lentwana."

Sambulo:"Intwana egrand uthandana nenkosazana manje iskhwama kumele sigcwale nawe uyazi."

Jabu:"Kumele kutholakale lomndeni kaMark kuqala bayoshintsha lento abayikhuluma, masewatholakele amaphepha uzowuthola umsebenzi. Kwalapha esibhedlela sinodokotela oyedwa wenhliziyo."

Sambulo:”Ngiyabonga njayani.”

Jabu:”Angisasiyo inja ndoda ungubafo wena.”

Babuye baxhawulane

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

Basala bahlala uSphelelo nomaBaloyi waze wahamba uThemba waya eshisanyama wabashiya bodwa.

MaBaloyi:”Indodana yami yaze yanenhlanhla bandla niphathane kahle, la ngaphandle ngeke banijabulele bonke izinto enizenzayo ninoThemba zigcine kuwe.”

Sphe:”Ngiyezwa ma.”

MaBaloyi:”Ekhaya bathi bazidinga nini izinkomo?”

Sphe:"Masengiqedile ekolishi.”

MaBaloyi:”Uzoqeda nini?”

Sphe:”Sengiqedile.”

MaBaloyi:”Haaaaa kusho ukuthi namanje ngingaya kini bazongamukela.”

Ahleke uSphe abheke phansi.

Mabaloyi:"Phela ngiyabuza ngane yami ngiyahalela nje kugona ingane yendodana phela nguye yedwa indodana kwaBaloyi."

Abheke phansi uSphe.

MaBaloyi."Angisho ukuthi ujahe kumunika ingane nizozitholelela yona ngesikhathi senu mina besengiphupha nje."

Sphe:"ULungile kuncono ukunikezile izizukulu."

MaBaloyi:"Ziphi manje, lezo akusizo ezami ezakubo, ezami izizukulu ziyobuya kuThemba."

Kubekhona okokodayo asukume uSphe ayovula

"Sawubona ukhona uThemba?"

Sphe:"Akekho usaphumile."

"Wena ungubanike?"

Kusondele umaBaloyi avule umnyango kakhulu amangale nje.

MaBaloyi:"Swazi ngingakusiza ngani?"

Swazi:"Ngifuna uThemba."

MaBaloyi:”Uhlala lana yini?”

Swazi:”Kudala ngimulindile kwakhe akabuyi.”

MaBaloyi:”Mushayele ucingo nje.”

Swazi:”Ubani lo?”

Asho ekhomba uSphelelo avele ayozihlalela phansi uSphe inhliziyo seyibuhlungu ukuthi uThemba unentombi na, nakhu umawakhe uyibize ngegama. Athuke seyiphakathi intombi iqonde kuSphe.

Swazi:”Nguwena ntombi kaThemba le ekukhulunywa ngayo.”

Athuke uSphe

Swazi:”Ukutshelile ukuthi ngikhulelwe, uThemba kudala nginaye ngeke sihlukaniswe ufarm Juliah nje ngikhulelwe .”

MaBaloyi:”Swazi lengane yabantu ingena ngani ekukhulelweni kwakho. Lento yakho yokuhlala ufika la kwami uzokwenza umsindo isiyangicasula manje.”

Swazi:”Kade ngakubona ma ukuthi uThemba uvunwa nguwena abengishiya endlini azovalela la kwakho. Ngiyamulinda lengane uzayondla le angizikhulelisanga mina.”

Ahlale phezu kosofa uSphe inhliziyo,yakhe iyashunqa amalangabi obuhlungu umaBaloyi yena sekazwela indodana yakhe ubuhlungu ngoba uzomulahla phela uSphe. Amushayele ucingo amutshele ukuthi uSwazi usendlini. Asukume uSphelelo ngoba sekakhathele ukuzwa indaba kaThemba uyazitshela nje ukuthi ufuna kubuyela ekhaya manje.

Amuvimbe uSwazi

Swazi:"Umungene ngani uThemba noma uzifunela imali."

UmaBaloyi athi uyasondela abuye azikhuze makabona indlela uSphe abuke ngayo uSwazi azihlalele phansi.

Sphe:"Suka phambi kwami."

Swazi:"Uzongenzani ngifuna uhambe uyothatha amaratha akho lapha kukwami lapha, yimina engamakhisa lendlu, sfebe ndini."

Angasalisho lonke amushaye ngempama uSphe azame kumubuyisela uSwazi amushaye uSphe aze ahlale kuye. Athule nje umaBaloyi abukele ngathi akaboni lutho, uthulile ngoba uyabona kuyamshaya okwaSphe. Angene uThemba naye uze agijima ngoba uyazi uSwazi uyadelela ucabanga inzwakazi yakhe ezithulele.

Amangale makangena umawakhe uhlezi esitulweni makafika endlini abone into angakaze ayicabange. USphe uhlezi phezu kukaSwazi uyamushaya, abuke umawakhe agijimele khona sekamususa ngoba uyamazi uSwazi uzosuke abophise ingane yabantu. Aphakamise uSphe amubeke emva kwakhe, asukume uSwazi sekamunaphaze ebusweni wamabokoboko uyopha nasemakhaleni.

Swazi:"Themba uyabona lesifebe sakho singenzeni, ngikhulelwe njalo ingane yakho."

Sphe:"Angingeni ndawo lapho mina ngizokunyathela awungazi kahle, phinda futhi ungibize ngesifebe."

Athule uSwazi abheke uThemba.

Sphe:"Ngihambise kuya ekhaya manje."

Amubambe ngesandla makathi uyahamba uThemba

Themba:"Yini inkinga yakho Swazi?"

Swazi:"Ngizokutshela ukuthi ngikhulelwe."

Themba:"La ekhaya, ngikukhuze kangakhi kuthi ungaphinde uzodelela umuzi wamama."

Swazi:"Themba uyinja nomawakho wena uzozisola ngalento oqeda kuyenza ngiyakutshela."

Azithulele uSphe usaqhuma intukuthelo akafuni lutho.

Themba:"Phuma manje uzoshawa yimina phuma."

Swazi:"Awungizwanga ukuthi ngikhulelwe Themba?"

Themba:"Ngakukhulelisa nini Swazi ungazongihlanyela, awukhumbuli kuthi sihlukane singasazani mina nawe."

Swazi:"Uzobuya kimi wena uzobuya lengane eyakho ngeke ngisokole nayo ukhona."

Aphume sekacinga nezicathulo zakhe ahambe bezwe sekukhala ukuphuka kwamabhodlela ngaphandle makaphuma uThemba usemotweni yakhe uyayikabha. Ayikabhe aze adele angasondeli kuye, kume iveni yamaphoyisa esangweni naye athuke nje uThemba abheke umawakhe.

MaBaloyi:"Ngibize wona kuqala ngase ngibiza wena bengithi uzolimaza ingane yabantu."

Sekayakhala uSphe akasazi enzenjani uThemba

MaBaloyi:"Hamba uyolalisa uSphe egumbini ngizokhuluma mina nalamaphoyisa."

Sphe:"Ngifuna ukuya ekhaya mina."

Uthukuthele noThemba athuke naye.

Themba:"Asilinde amaphoyisa ahambe, buya."

Avume bayosithela emagunjini elinye iphoyisa lisale kuSwazi elinye lisondele endlini lifice umaBaloyi akhala.

MaBaloyi:"Ohhh muntu womthetho ngiyabonga nifike ngokushesha."

"Kwenzakalani ma?"

MaBaloyi:"Ngicela ningibophele lentombazane uze la azongifuna imali njengoba ahlala enza ngimutshele ukuthi inyanga isephasi anginayo imali waqale wangishaya njengoba ahlala enza kwaze kwadineka lentombazane ibizothengisa la yangilamulela yamushaya."

"Iphi leyo ntombazane?"

MaBaloyi:"Ibalekile ngoba isaba ukuboshwa uSwazi ubese uthola ithuba lokuphula imoto yendodana yami."

"Phephisa gogo sizohamba naye, nawe komele uze emaphoyiseni nalentombazane emushayile."

MaBaloyi:”Ngishilo mntanami ukuthi ibizothengisa lengane angiyazi.”

“Inkinga ayikho ma uzovula icala.”

MaBaloyi:”Ngane yami ngicela ukuza kusasa manje ngifuna ukuya kadokotela umzimba wami usuke wababuhlungu uyaqaqamba wonke nje.”

Livume liphume iphoyisa lebantu babophe uSwazi bamufake emuva evenini.

Swazi:”THEMBA WENZA MINA KANJE THEMBA.”

Ngale egumbini uThemba akazi nokuthi ancenge kanjani ngoba uthukuthele isimanga naye sekathuswa ukuthi uyaqala kumubona anentukuthelo engaka. Kuze umaBaloyi asibone isimo.

Sphe:”Sewahambile amaphoyisa ngihambise.”

MaBaloyi:”Ndodakazi ungahambi uthukuthelle kanje.”

Athule uSphe adabuke nje umama Themba makabona isimo sendodan yakhe, uyabona ukuthi uyayithanda lengane yabantu. Ahambe bazoza kuye mabadinga usizo, uSphe asale abheka uThemba.

Sphe:”Ngimukise ekhaya makunzima ngibeke ematekisini.”

Themba:”Asambe.”

Bahambe avalelise kahle kumaBaloyi aphume kuqala.

MaBaloyi:”Ndodana ungayiyeki lengane bandla.”

Avume ngekhanda ngoba akazi ukuthi uzamubamba kanjani umuntu makathi ufuna ukuhamba, amulandele. Athuke makabona ukuthi uphule nemoto eze noScelo yakhabo Mlungisi le ebomvu anikine ikhanda. Baphume ngezinyawo akhombe itekisi bafike behle kwaThemba avule mabangena nje endlini uSphe aqonde egunjini athathe isikhwama sakhe vele abengakagqoki okuningi usakhiphe okukodwa. Amulandele uThemba.

Themba:”Ngeke ungiphe nethuba lokuzikhulumela?”

Sphe:”Ngicasukile angifuni kukhuluma engikwaziyo ukuthi ngifuna ukuya ekhaya manje futhi.”

Themba:”Asilinde imoto kuqala sekuyintambama manje amatekisi ayaphela.”

Sphe:”Silinde imoto ebuyaphi?”

Themba:”Imoto yomngani wami ngiboleke yona.”

Aphume ayozihlale esofeni amulandele uThemba ahlale celeni kwakhe amubambe ngenkani isandla.

Themba:”Kudala ngahlukana naye ngingakathandani nawe.”

Sphe:”Uthe ukhulelwe Themba.”

Themba:”Unamanga.”

Sphe:”Uthe uhlala ulanda amantombazane uye nawo kini, la ubuhlala naye kungani ungangitshelanga?”

Themba:”Angicabanganga ukuthi kubalulekile lokho, ngiyaxolisa.”

Sphe:”Angisakufuni mina hlala nomawengane yakho, kuyacaca ngeke ngijabule mina unomama wengane onje ngalona.”

Themba:”Ngicela ungangilahleli into eyenzeke nginganawo amandla okuyivimba, ngiyavuma bekumele ngikutshele ukuthi kukhona bengihlala naye la azange iphutha lami libe lapho.”

Sphe:”Nalombhede bongilalise kuwe.”

Themba:”Makahamba wathatha yonke into, ngahamba ngayothenga kabusha umbhede wawudabula ngathenga omunye. Iza uzobona.”

Sphe:”Angifuni.”

Asukume ayokhipha izilibhu kanye nesombhede amukhombe

Themba:”Ubonile nalemicrowave engiyimukise kama ibisasebhokisini yayo, nayo ngiyithenge manje kanye nombhede bengiyobheka wakulegumbi elinye angikawuthengi kusekhona lo owakudala nawo udabukile.

Sthandwa sami ngiyakucela ungayenzi leyonto, yimina okumele ajabulise ubabakho ngimunike izinkomo zakhe.”

Athule uSphe amubambe emahlombe sekahlezi kunye naye kusofa usathukuthele.

Themba:”Ngiyaxolisa nzwakazi.”

Sphe:"Ngizophila kanjena vele mina Themba:"

Themba:"Engikucela kuwe ukuthi uthembe mina ungathathi izinto ozizwa le uzifake ekhanda lakho ngoba ngeke ujabule. Nangu uThemba wakho ubuze yena kuqala, abantu bayahlanya la ngaphandle."

Sphe:"Mina ngiyasaba kuzwa ubuhlungu othandweni."

Themba:"Ngeke ngikuzwise ubuhlungu mina, nguwena ozozizwisa ngokuthatha wonke amanga akhulunywa emgwaqeni. USwazi angisathandani naye ngamuyekeliswa  ilokuhlanya, uyabona ngikhule kanjani sengifuna umuntu ozongisiza ekwakheni umuzi ngimise noBaloyi anginaso isikhathi sokudlala. Inhliziyo yami ingikhethele wena. Izingane zami zizovela kuwe uzinike lobuhlakani onabo ngicela ungithembe."

Sphe:"Manje indaba yokukhulelwa?"

Themba:"Buya uzohlala la phezu kwami."

Amubheke ashalazele kepha amoyizele amubambe ngesandla kuthi asukume, ahlale amufulathele amuphendule yena amuhlalise abheke ngakuye amadolo abe kusofa amubambe uThemba ngathi uyamuhaga.

Themba:"Ngiyacabanga kukhona omtshelile ukuthi kukhona wena la endlini wase ucabanga ukuzosusa umsindo. Kudala sihlukana ngiphinde ngimamukele futhi kodwa manje ngeke senginenkosikazi yami."

Akasakhoni ukushalazela manje uSphe ngoba babhekene, abone ukuthi kuncono aqamele asondele alalise ikhanda lakhe ehlombe lokho kwenze uThemba amubambe okhalweni ngezandla zombili.

Sphe:"Bengithukile mangibona amaphoyisa."

Themba:”Ubungeke ugibele kwakuleyo veni.”

Sphe:”Amaphoyisa sewangibopha ubungavimba kanjani?”

Themba:”Awuyazi indoda yakho wena ngibheke phela.”

Sphe:”Cha.”

Themba:”Ungixolele?”

Sphe:”Angazi.”

Themba:”Usafuna ukuhamba?”

Sphe:”Angazi Themba ungangibuzi hawu.”

Amususe kuthi azomubheka emehlweni azame kuzifihla  ngezandla azibambe uThemba abhekise ikhanda phezulu uSphe ahleke uThemba.

Themba:”Manje nje ubungibheke emehlweni ungitshela kuthi ufuna ukuhamba manje sodlala ublack mampatile.”

Sphe:”Hayibo ngiyeke.”

Amuyeke bese umubamba ekhanda amusondeze ebusweni bakhe baqabulane isikhathi eside azikhuze uThemba sekamuphulula wonke lomzimba. Akafuni kumuxabanisa nobabakhe kodwa kunzima ngoba imuphethe nemizwa, naye uSphe sekathathekile.

Themba:”Asambe siyolala.”

Sphe:”Ukahle?”

Themba:”Angikho kahle ngiyakufuna .”

Sphe:”Nami kodwa ngiyasaba.”

Athuke uThemba

Themba:”Kuzoba buhlungu vele kwamele usabe.”

Sphe:”Kuzojwayeleka?”

Themba:”Kuzojwayeleka.”

Sphe:”Uzongilinda ngeke uhalele ukuganga?”

Themba:”Ngeke.”

Sphe:”Ngizobaready, namuhla ngithukile.”

Themba:”Mina ngizozwa ngawe masuready ngeke ngikuphoqe thatha isikhwama ”

Sphe:”Ngiyabonga.”

Azisondelele uSphe

Kube nguyena omqabula kuqala noThemba amuyeke azidelise ngaye baqabulane. Noma sekezwa ukuthi akasakhoni uThemba kepha aqhubeke ngoba uyamubona uSphe uyakuthokozela lokucatshuzwa. Kuthi ngesikade sekaphelile uThemba imizwa amuyeke uSphe kwayena sekashintshile nasebusweni.

Sphe:"Ngiyasaba."

Themba:"Usabani manje?"

Sphe:"Ngisaba ukuthi ngiready."

Themba:"Ye?"

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 49🌼

KWABIYELA🌼

Mdu:"Awubukeki ukahle kulezinsuku sthandwa sami, ungayi esitolo."

Lungi:"Ahhh ngeke ngihlale la endlini ngingenzi lutho."

Mdu:"Kusho mina indlu igcwele boNtwenhle abahambe bayobheka wena uphumule."

Lungi:"Angikho,kahle vele."

Mdu:"Kwenzanjani?"

Lungi:"Ngicabanga inyongo kade ngagcina ukuyikhipha izolo ngithathe amalaxa estolo ngithi ngizowaphuza ebsuku ngakhohlwa sengizowaphuza namuhla."

Mdu:"Kuncono uye kudokotela, mawunje ungizwisa ubhlungu bona bafana bami bahawula kanjani."

Angene uPhiwo agibele phezu kombhede uvele waxhumana noLungile ngathi unina wakhe. Akubanga nzima futhi ngoba azange ahlale noCleo uthando lukama abeluthola ngalelo langa, manje kuLungile uvele walithola, ngoba yingane nje noma azi ukuthi umawakhe uCleo kuye usebona uLungile ewumawakhe.

Phiwo:"Mama uyakubiza u anti."

Mdu:"Muphi?"

Kuphendule uNtwenhle emnyango.

Ntwenhle:"Yimina hayibo angimazi mina umakoti wakho nihlala ningekho namuhla yimi naye."

Achazeke noBiyela makezwa lomsindo wengane yakhe uyabona kusizile ukubakhona kukaGabsile, wonke umuntu nje uyamusiza ngengane yakhe kuyimanje igone kuye uBiyela.

MaBiyela:"Ntwenhle awuyeke ingane yami, Lungi awuyi estolo namuhla."

Gabi:"Lungilicious."

Bahleke naye ahleke uLungi aphume uMduduzi aphinde avale.

Mdu:"Ma umama kaNduduzo akekho  kahle ufuna ukukhipha inyongo."

Ababaze umhlolo umaBiyela

MaBiyela:"Unenyongo imenzani?"

Mdu:"Nami angazi udicibele nje boNtwenhle abahambe baye estolo."

MaBiyela:"Banomsindo abahambe vele."

Babhekane

Ntwenhle:"Namuhla bengithi ngifuna kuyobuka eMgazini noGabsile."

MaBiyela:"Nakusasa ungaya."

Ntwenhle:"Baba."

MaBiyela:"Hhey uhambe naye ubabakho."

Gabi:"Mama."

MaBiyela:"Biyela khuluma nalamantombazane akho angidlali njalo."

Biyela:"Mina ngenzeni ngoba sengithethiswa."

Aphume uLungile sekagqoke igown namehlo ayabonakala nje ukuthi akekho kahle.

Lungile:"Sanibonani."

Ntwenhle:"Mduduzi."

Mdu:"Yini?"

Ntwenhle:"Muhle."

Mdu:"Ngiyazi."

Bahleke

MaBiyela:"Izolo ufike walala wangadla mhlawumbe wenziwa indlala, buya uzobambisa ngedokwe sesi."

Amudonse ngesandla ahlale phansi noMduduzi sekakhathazeke kakhulu manje amubheke, uGabsile ubabukile ucabanga lento ayitshelwe uSambulo. Labantu bawuthando nje babhekene. UBiyela alibone iso likaGabsile kubo uNtwenhle athathe lephakethe lamalaxa alifunde ngaphandle.

Mdu:"Ngikwenzele amaqanda noma uzodla umdoko?"

Lungi:"Uzoze ushe ungenzela amaqanda ngizodla umdoko."

MaBiyela:"Muyeke akwenzele uyamutefisa wena uMduduzi."

Asukume vele aqonde eziko akamnandanga naye isthandwa sakhe masinje sekumalanga amathathu manje, sekubhlungu nakuye.

UNtwenhle asondele

Ntwenhle:"Ngizomenzela bhuti nami ningizwisa ubhlungu manje, Gabi ngicela ungiphe amaqanda."

Aye kuLungile uMdu

Mdu:"Buya uzolala kancane."

Amusukumise babuyele egunjini labo akusamnandanga manje ngoba bonke bamubonile akekho kahle. UmaBiyela sekabheke labazukulu bakhe bahle bayahawula.

Bamenzele ukudla bakubeke kahle uMdu aqhamuke.

MaBiyela:”Nakhu ukudla kwakhe.”

Mdu:”Usageza uthi uzodlela ngapha, mama kumele ngiye erenkini ungithumile uMlungisi manje akuvumi.”

Biyela:”Hlala ndodana ngizoya mina.”

Mdu:”Angazi noma lento yenzeka ngoba kukhona esikwenzile sinoLungile sanganitshela.”

Biyeli:”Nenzeni?”

Biyela:”NENZENI?”

Mdu:”Sishadile.”

MaBiyela:”Siyazi nilobolene.”

Mdu:”Sesibophile ifindo baba.”

MaBiyela:”Uthini Mduduzi, khuluma Biyela.”

Bonke sebabuke uMduduzi

Mdu:”Sesisayinile.”

Abheke phansi uMduduzi abazali bakhe babukane.

Biyela:”Besikhona isidingo sokwenza lokho kodwa Mduduzi ngoba vele nizoshada yini le eniyijahile ngoba senilalile futhi."

UGabsile bahleke benoNtwenhle abaxoshe umaBiyela kuthi baye estolo.

Mdu:”Besijabulile futhi angifuni kulahlekelwa nguLungile bengijahe kuthi kube ngowami ngokuphelele.”

MaBiyela:”Nami ngiyamuthanda uLungile.”

Biyela:”Ubani ongamuthandi ngoba simuthamda sonke simamukele kepha nibocabanga ngengqondo Mduduzi, wena ucabanga ngamathulusi nje. Umndeni wakhe uzothini ngalento.”

Athule uMduduzi

Biyela:”Kumele sikhulune noMlungisi kuthi kushade nina kuqala ngoba senimuhambele phambili vele.”

MaBiyela:”Ngeke abe nenkinga uMlungisi angithi bathe bona bafuna kushada ngosuku ayohlala ngalo esihlalweni. Abashade laba sibone ukuthi yini okuzohluka masebashadile.”

Aphume uLungile sekagezile ahlale phansi umaBiyela amunike ukudla kwakhe athi angakuvula nje iphunga lamaqanda limugcwale emakhaleni. Azibambe emlonyeni asukume sekusekudeni egunjini labo aphumele ngaphandle aphunyukelwe masekangaphandle emnyango.

UBiyela ajike ayozihlalela nengane kaNtwenhle umaBiyela naye ashalazele naye azisusise lokudla okuhlanzisa umuntu. uMduduzi amulandele amuphulule emhlane uxakekile nje ukuthi uhlanzani ngoba akadli kahle kulezinsuku.

Mdu:"Siya kadokotela ngeke ngikhone nje kukubuka unje ulokhu ungitshela ngenyongo."

Angene endlini uGabsile noNtwenhle sebahambile athathe ukhiye wemoto.

Mdu:"Siya kadokotela ma ngicela usibhekele bantwana."

MaBiyela:"Hambani noPhiwo uyahlupha lowo makungekho umawakhe."

Mdu:"Woza fana sambe."

Amulandele afike asukumise uLungile amufake emotweni bahambe.

Biyela:"Kungenzeka labantwana sebalamisile?"

MaBiyela:"Balamisile vele akukho okunye, awuboni noPhiwo akafuni kusuka kunina. Ucishe wasibulalela ingane ayibiza ngenyongo."

Biyela:"Bengeke bahlale vele ithuba elincane abalitholayo bayalala, sebafohle uMlungisi kukho konke manje."

MaBiyela:"Uthukuthele yini baba?"

Biyela:"Ngijabulile mina kodwa ngeke phela nkosikazi ngishaye izandla ngithi usebenzile ndodana, mawande umndeni."

MaBiyela:”Baba nami ngicishe ngagiya kodwa ngazibamba.”

Biyela:”Laba uzosho kuthi ngasho bazoba nezingane eziningi usile uMduduzi.”

Ahleke umaBiyela

Biyela:”Sithi sihlezi nje kungonakalanga lutho amubize ngomlayezo wocingo.”

MaBiyela:”Nkosi yami wena unaka nalezo zinto.”

Bahleke bobabili, uMduduzi bafike kwadokotela sekanconywana uLungile bangena balinda kuthi kungene bona, bangena vele. uLungile wafike wamuchazela udokotela ukuthi kwenzenjani wamuhlola umchamo wamufaka nesona. Asahambisa lento esiswini wamoyizela yedwa.

Mdu:”Ukahle dokotela?"

Dr:”Ngiyanihalalisela ukhulelwe nenhliziyo seyize ishaya ngamandla yizwa.”

Babukane nje uMduduzi yena ujabulele ukuthi uzoba nengane nesithandwa sakhe, ingane yabo bobabili. Yebo bayamuthanda uPhiwo kepha akusiyo ingane kaLungi kanti uyamuthanda noNduduzo kepha akusiyo ingane yakhe. Manje bazoba nengane enegazi labo bobabili ucabanga lokho nje uMduduzi.

Makaqeda ukumsula agqoke avale isisu kahle bayohlala phansi amutshele okumele akwenze nokuthi abuye nini. Baphume noPhiwo khona la eduze kwabo bayongena emotweni.

Mdu:"Awubukeki ujabulile.”

Lungi:”Ngithukile.”

Mdu:"Ngiyaxolisa indlela ozizwa ngayo kepha mina ngijabulile sizoba nengane yethu sthandwa sami. Ungangibuki kanjalo ngiyabathanda abafana bami ngokufana futhi kodwa lo yerrrrr."

Agcine sekamoyizela naye uLungile.

Mdu:"Ngiyakuthanda uyezwa?"

Lungile:"Nami ngiyakuthanda."

Mdu:"Manje udaddy uyokuphakela udle intombazane kababa kumele ikhule kahle."

Lungi:"Nginamahloni asingayi endlini sthandwa sami."

Mdu:"Okufiswa nguwena baby mama kuzokwenziwa yimina baby daddy."

Ayisuse imoto bayozipholela nomfana wabo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

UMkhaliphi uhlezi nomndeni wakhe wonke bayadla uThami ubaphethe ngengevu, kukhona ngisho nobhuti omdala ohlala asekukhenkeni kwakhe.

Mkhaliphi:"Smanga uthatha  nini kanti?"

Smanga:"Ahhh baba angikho ready."

MaMkhaliphi:”Ufuna kubaready sogcwele izinwele ezimhlophe.”

Thami:”Angithi masekunjalo sizoba amablesser wena bafoza.”

Smanga:“Uqinsile.”

Babalo:"Wuuu nizoba blesser ngani?”

Smanga:”Ziningi izindlela zokublesser.”

Mkhaliphi:”Yini lokho ku blesser?”

MaMkhalipho:”Basho lamakhehla athandana nezingane ezincane zibadizele nje.”

Mkhaliphi:”Wuuuu sies maan lezingane zifuna isagila ekhanda nje zonke.”

Babalwa:”Komele uqale ngeyakho uSphelelo.”

Bamubheke bonke

Mkhaliphi:”Sphe wami ngeke akwenze lokho ngimuthemba ngempilo yami lowo.”

Thami:”Nami ngiyamuthemba.”

Smanga:”Ngeke abhayize uSphe uhlakaniphe kakhulu.”

Ahleke uBabalwa umawabo abone nje ukuthi sekafuna kubhoboza indaba kaSphe.

MaMkhaliphi:"Ugcine nini kuyobona ingane yakho kubo."

Babalwa:"Bengiyile emini azange ngamuthola."

MaMkhaluphi:"Manje soqedile kanjalo nje ingane yakho awuyitholanga awucabangi nokuyishayela ucingo."

Babalwa:"Ahh mama ngiyazi ngizoyibona nini."

Smanga:"Yehlisa ulaka ma, wena Thami ngizwa ubaba athi ukukhethele umakoti."

Bahleke bobabili

Thami:"Uyamazi lowo makoti?"

Smanga:"Makoti umakoti vuma ndoda azokuwashela ungalokhu uchaphaza uSphe ngezimpahla zakho."

Thami:"Ngikupha yenake."

Smanga:"Ini ungazongihlolela mina yooo."

MaMkhaliphi:"Kanti inani ingane yabantu ngoba iyahlonipha."

Mkhaliphi:"Nami ngiyazibuza dali wami."

Bahleke uSmanga uThami

Mkhaliphi:"Nikitazwa yini manje."

Smanga:"Ayy baba ubiza umama ngodali wakho."

Mkhaliphi:"Nginamanga yini intombi yami le, ubambo lwami uswidi wami, awuthi ngiqabule labantwana bacabanga ukuthi siyabhayiza."

MaMkhaliphi:"Kahle baba hawu."

Thami:"Hawu mama kahle nika ubaba into yakhe."

Asukume uMkhaliphi ayoqabula umkakhe emlonyeni babashayele izandla benze umsindo, uBabalwa ulokhu uthulile nje.

Mkhaliphi:"Ngaze ngakhumbula nothumbu wami ngoba siphelele nje."

Smanga:"Uyephi vele?"

Mkhaliphi:"Uyokwenza iphotoshooting star."

Amangale uSmanga kodwa angabuzi lutho uThami abambe ukuhleka akalishongo phela legama yena.

Babalwa:"Thina sihlezi nawe wena ukhumbule umuntu okuqambele amanga waya endodeni yakhe."

Kuthule du kuphele nalomsindo wenjabulo bebawenza.

MaMkhaliphi:"BABALWA."

Mkhaliphi:"Yima nkosikazi uthi kutheni?"

Babalwa:"Mina ngikhathele baba njalo usibuka ngathi asibona bantwana bakho ekubeni uthenjiweyo wakho kunguyena obhedayo. Mushayele manje umubuze ukuthi ukuphi manje."

Umawakhe amushaye ngempama uThami athi uyaphuma nocingo lwakhe.

Mkhaliphi:"THAMSANQA HLALA PHANSI FAKA INOMBOLO YAKHE LA MANJE."

MaMkhaliphi:"Baba yehlisa umoya."

Mkhaliphi:"Mangabe lengane ingenza isilima nifile nonke."

Smanga:"Manje thina sesifelani?"

Mkhaliphi:"FAKA INOMBOLO YAKHE."

Smanga:"USphe ukhulile baba yena lo okutshela izindaba wafika kulomnyaka kaSphe sekanengane nxxx."

Uyabila intukuthelo uMkhaliphi kuvevezela namadevu uBabalwa noma athole impama kumawakhe kuye phakathi ugezekile ngoba ngeke aphinde amuvumele ubabakhe aphumele ngaphandle.

Kanjalo kuzophela phakathi kwakhe nalesoka yena sekangazitholela lona uzifunela imali nje.

Achofoze inombolo yakhe uThami akafuni bandla alufake embhobheni abeke celeni kwababakhe aluphakamise ngale uSphelelo.

Sphe:"Baba sawub….."

Mkhaliphi:"HHEY UNGATHI NYWANYWA UKUPHI."

Athule uSphelelo

Mkhaliphi:"UHLEZI NOMFANA LAPHO?"

Sphe:"Baba kaSphe."

Mkhaliphi:"PHENDULA UNOMFANA NA LAPHO?"

Athuke uSphe sekahle uyachiphiza

Mkhaliphi:"NGIFUNA KUTHI KUSA UBE USUFIKILE LA UYANGIZWA? MANJE FUTHI NGIKUFUNA LA."

Amoyizele yedwa uBabalwa

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWATHEMBA🌼

Sphe:"Ohhhhhh Themba ngifile ubaba."

Themba:"Uthini?"

Sphe:"Uyazi ukuthi ngivakashele umfana uthi manje ngibe sengisekhaya."

Themba:"Ngibheke Sphe musa ukuthuka kakhulu."

Sphe:"Awumazi wena ubaba makathi uyakuduba uyakuduba ngeke aphinde angikhulumise."

Amuhage azame kumuthulisa kufane nje.

Themba:"Asambe ngikuphelezele."

Sphe:"Uzoya kongihlolisa ubaba Themba maye Nkosi yami, ubalulekile ubaba kimi angifuni angidube."

Themba:"Vuka ugqoke ngisashayela umuntu ozongiboleka imoto ngikuphelezele."

Avuke uThemba agqoke isikhindi nje athathe ucingo aphumele ngaphandle nalo, uSphe azincenge aye endlini encane agqoke makaqeda ukugeza nesikhwama sesilungile.

UThemba angene sekaqeda naye amubambe ngesandla amuhage.

Themba:"Ngiyakuthanda uyezwa?"

Avume nezinyembezi zehle baphume uThemba akafuni nje ukubona inzwakazi yakhe inje.

Sphe:"Uzongishaya ubaba."

Themba:"Ngeke."

Sphe:"Uzophinde ayongihlolisa futhi, ngenzeni Themba."

Themba:"Uyakhumbula ngitheni izolo?"

Sphe:"Utheni konje?"

Themba:"Themba uThemba wakho."

Sphe:"Ngithembe uThemba wami."

Amumoyizelele ashayele aqale kubo angene isikhashana aphinde aphume ishosholoze imoto amabombo sewabheke khabo Sphe.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

SPHELELO🌼

Imoto mayilokhu isondela nenhliziyo yami iya ngokubhakuza kakhulu, ukube azange ngijahe ukuvakashela uThemba kube akwenzekanga lokhu. Ngiyazibuza ukuthi uthole kanjani ubaba ngoba uThami ngeke akwenze lokho. UThemba akabonisi ukuthuka isibindi sakhe singenza ngimuthande kakhulu.

Ubaba noma angangixosha ngizophuma, ngizoxosheka ngokushesha angaze ashintshe umqondo ngiyamuthanda lomlisa. Indaba nje ukuthi abazali bami babalulekile kimi kakhulu futhi izibusiso zabo ngiyazidinga.

Themba:”Ubaba uthanda ini?”

Mina:”Uthanda ini kanjani?”

Themba:”Uthanda ugologo noma umuntu webhayibheli.”

Mina:”Uhlala azidlela umcwebu namankinathi, akawuphuzi ugologolo.”

Ajikise imoto akhiphe ucingo lwakhe aluchofoze alubeke endlebeni.

Themba:”Ngisajika ibangana ngiyomufunela isipho sakhe.”

…………

Themba:”Anishayeli niyandiza ngicela imizuzu ewu30  sizofika.”

Aluvale singene kwenye indawo kosiwa inyama kepha ngathi sekuvaliwe lomuntu wazi abantu abangakanani kanti. Phela asikho ezweni lakhe sesizofika ekhaya uvumbulula lendawo. Sehlike singene kuyindawo yenyama vele.

Baxhawulane nalo ovulile athathe akufunayo umcwebu bamufakele kahle ephepheni lawo, siphume.

Themba:”Uthanda maphi amankinathi?”

Mina:”Lawa aqhunyiswayo abuye aphekwe kodwa yena uwadla aluhlaza angaphekwanga.”

Singene emotweni sihambe umatasa ngocingo mangibheka isikhathi u11 ebusuku, angenise imoto ngala sihlala sima khona ngasesihlahleni ayimise. Ulokhu uyathalaza mina lapho ngithuke kakhulu ngithathe ucingo lwami ngichofoze inombolo kaThami.

Themba:"Wenzani?"

Mina:"Ngishayela uThami ngifuna ukwazi ukuthi ubaba usathukuthele na."

Themba:"Mufake kuspeaker nami ngifuna kumuzwa."

Ngimufake lukhale isikhashana aluphakamise usavuka angakhulumi.

Mina:"Bhuti."

"HHEY BHUTI WANI NGITHE NGIKUFUNA LA."

Ngithuke mangizwa iphimbo lababa ngiluvale ngokushesha sibhekane noThemba.

Themba:"Akadlali ubabakho kusho ukuthi uthathe ucingo lwakhe."

Mina:"Asijike Themba ngeke sengiyasaba."

Themba:"Khumbula akumelanga uphoxe ubaba nawe, uzobakahle."

Kubekhona okokodayo efasteleni sisabukene emehlweni, ngithuke Nkosi yami ebusuku kanje uThemba avele avule umnyango aphume baxhawulane nalomuntu kunemoto eme emva kwale esihamba ngayo. Bakhulume isikhashana alokhu ezihlikihla ngesandla ekhanda. Bese uyabuya ayisuse nalemoto isilandele, angifuni nokubuza ukuthi ubani lowo uThemba wazi abantu abaningi.

Ashayele ayiqondise ekhaya ngqo ime ngaphandle kwesango ngithuke kakhulu. Mayima imoto kuvele kukhanye egunjini labomama, ohhhh Bawo ngafa mina.

Kuqhamuke abesilisa abathathu baphuma kulemoto eme emva kwethu, beme esangweni ngibheke uThemba.

Omunye:"SIKHULEKILE EKHAYA KWAMKHALIPHI, MPHEPHETHWA, JILI BINDA."

Omunye:"YITHINA BOBALOYI MAKARINGE, XILOWA, NDZIMTHONDO LOVHANA WAGWAMBA."

Omunye:"SIZOSHWELEZA SICELE BUHLOBO OBUHLE WENA WENDLOVU."

Ngibheke uThemba ngokumangala yena amoyizele angicishele neso.

Themba:"Themba uThemba wakho."

Mina:"Ngiyamuthemba uThemba wami."

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 50🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Bakhuleka abantu wathuka uMkhaliphi wabanda ngaphakathi kuye wavuka wahlala ngezinqe embhedeni walalela ukuthi bafunani. UmaMkhaliphi yena kwavele kwamucacela ukuthi laba beze ngoSphelelo wakhe. Avuke naye abambe umyeni wakhe ehlombe babhekane amubone umyeni wakhe ukuthi uthukile kuzo zonke izingane zakhe lokhu akukaze kwenzeke.

Mkhaliphi:"Nkosikazi mabaletha isisu abakhuleki esangweni kanje?"

Amoyizele umaMkhaliphi

MaMkhaliphi:"Baba isisu sihanjiswa abantu besimame futhi abakhuleki."

MKhaliphi:"Manje laba abeza ebusuku nje kungaba iloyise wengane kaBabalwa?."

MaMkhaliphi:"Cha myeni wami angithi wena ubize ingane yakho uthumbu wakho kuthi abuye ekhaya, ngiyacabanga mangabe abesesokeni yilona elenza lokhu kuzoshweleza."

Mkhaliphi:"Ingabe lomfana sekafuna kungithathela intandokazi yami?"

MaMkhaliphi:"Kubukeka kanjalo ingani yikona abekufuna umyeni wami nje."

Mkhaliphi:”Awungibizele uThamsanqa.”

MaMkhaliphi:”Kulungile baba.”

Bavuke bazilungise uMkhaliphi luyasho uvalo, kuqhamuke uBabalo andlule umawakhe ngathi akamuboni aqonde kuyise.

Mkhaliphi:”Yeses wena ungena uyakokodanga igumbi lakho leli, angithi umubonile unyoko akekho la.”

Babalwa:”Ngiyaxolisa baba .”

Mkhaliphi:”Ufunani?”

Babalwa:”Baba lomuntu uzohlupha uSphe mawubavumela mudala uze mudala kuSmanga.”

Bangene umaMkhaliphi noThami

Thami:”Uze wazi umnyaka wakhe wakuthuma uyomulandela ID yakhe?”

Babalwa:”Usho njalo phela ngoba nguwena othengise ngaye.”

Thami:”Babalwa awenze okuthile ngempilo yakho uhlukane noSphe usibonisa umhlolo thina umdala kangaka.”

Babalwa:“Baba.”

Mkhaliphi:”Babalwa ubaba ukuzwile manje ngicela ningiyeke ngizithathele isinqumo, hamba uyobiza uSmanga.”

Aphume uThami anikine ikhanda

Baba:”Iya lapha esangweni ubatshele ukuthi ngifuna ingane yami kuqala angene nalomfana.”

Thami:”Baba.”

Mkhaliphi:”Hayiman ninani kwamele nilokhu ningibuza namuhla awuhambe uye la engikuthuma khona.”

Kuqhamuke uSmanga noBabalwa.

Mkhaliphi:”Smanga hamba uyolanda ubaba nobabomncane wakho, ugcinele ngomalume wakho, ukhona engimikhohlwayo dali?”

MaMkhaliphi:”UMshozi baba akave akuhlalisile ngoba uduzane.”

Mkhaliphi:”Uqinsile, thatha imoto Smanga.”

Smanga:”Namuhla ngiyanikwa imoto ngifuna kuyireva ize iwe okzozo.”

Bahleke banoThami

Mkhaliphi:”Thami wena iya esangweni ubatshele ngifuna ingane yami nalomfana bangilinde bese uya ngale kwaMshozi umubize, Smangaliso shesha ngike ngithole umkhuba emotweni yami uzonya.”

Baphume uSmanga aye emotweni uThami aqonde esangweni uBabalwa uyavevezela intukuthelo akazazi azenzeni. Ubabakhe ngoba ababiza abenethemba lokuthi uzoyichitha yonke lento, umawakhe umubhekile njalo.

uThami makafika esangweni uSphe amubone

Sphe:"Nangu uThami."

Themba:"Bamuthumile nangu ukhuluma nabobabomncane."

Bababuke babone oyedwa sekeza emotweni

Babomncane:"Ndodana uyise wamakoti uyanibiza ngenani."

Themba:"Kwamele ngingene nami baba?"

Babomncane:"Uyakubiza angithi sukuma ndodana ugade nesibhaxu."

Baphume bobabili uthukile uSphe kepha makabuka uThemba wakhe uba naleso sbinjana, abavulele uThami isango baye endlini. Nakhona avule angene kuqala kulandele uSphe. UMkhaliphi ababheke uSphe asabe nokubuka uyise akhophozele. Masekungena uThemba amehlo awakhuphukise amubheke naye uThemba angamubheki ashalazele.

Thami:"Ngiyabuyake baba."

Avume ngekhanda kuvele umaMkhaliphi ahlale celeni komyeni wakhe babhekane noSphe nesoka lakhe ubabhekile UMkhaliphi akacwayizi akanjani yibona abagijimisa amehlo yonke indlu lena. Kuvele noBabalwa ugqoke izinto zokulala amubheke kabi uMkhaliphi azijikele yena engakamuxoshi.

Mkhaliphi:"Sphelelo ubuyaphi?"

Sphe:”Ngibuya kaThemba baba.”

Mkhaliphi:”Ubuyenzani lapho?”

Aphe:”Bengiyomuvakashela baba.”

Mkhaliphi:”Amanga abeqanjelwani?”

Sphe:”Ngiyaxolisa.”

Mkhaliphi:”Ngithi into eyenze uqambe amanga yini?”

Sekehla izinyembezi uSphe

Sphe:”Uhlala ekudeni baba manje bengifuna ukumphumuza angalokhu eza la njalo.”

Anikine ikhanda uMkhaliphi

Mkhaliphi:”Mfana labantu obalethe la kwami bazokwenzani?”

Themba:”Baba ngithathe indodakazi yakho ngaphandle kwemvumo yakho abobaba laba engibacelile ukuthi bangiphelezele bazongishwelezela.”

Mkhaliphi:”Bazoshweleza usungene esibayeni sami mfana ndini?”

Themba:”Cha baba azange uSphelelo wakubeka kwacaca ukuthi ngeke adelele abazali bakhe ngaleyo ndlela.”

Ancibilike uMkhaliphi abonakale ukuthi uyahamba nolaka lwehle abheke indodakazi yakhe kanye nenkosikazi yakhe.

Mkhaliphi:"Mangingathi akayohlola manje ngeke ngithole ukuthi ungiqambela amanga."

Themba:"Ngeke baba angikaze ngimuthinte uSphelelo."

Mkhaliphi:"Manje uzoshwelezani?"

Themba:"Ukuthi ngithathe ingane yakho,ungazi futhi ngizocela nokukha lembali."

Akikize umaMkhaliphi amubuke kabi uMkhaliphi athule

Mkhalipho:"Kusho ukuthi sofuna ukumthatha unomphela?"

Themba:"Mangabe ubaba ufuna kukhipha indodakazi yakhe ngengubo emhlophe ngizomlinda ngizomukhipha ngayo."

Mkhaliphi:"Hayi bengingubani mina kuthi ngime endleleni yakho."

Themba:"Ngiyabonga baba."

.Mkhaliphi:"Umagcina wami lona akasiso isidlalo sabafana ngiyathemba awuzanga ngokuzodlala."

Themba:"Indodakazi yakho ibalulekile kimi baba ngeke ngidlale ngaye, ngikhulile mina futhi yimina ngedwa indodana ekhaya asikho isikhathi sokudlala. Indodakazi yakho izongisiza kuthi ngivuse umuzi kababa."

Mkhaliphi:"Ubaba ukhona langaphandle?"

Themba:"Cha washona ubaba."

Kungene uSmanga nabobabomncane abakhombe ngale uMkhaliphi, uSmanga abuye azohlala celeni kwababakhe. Naye abuke isbari azibonele ukuthi akusiye umuntu okudlalelwa kuye, kungene noThami naye ahlale nabo.

Mkhaliphi:"Azange akukhulise?"

Themba:"Wangikhulisa ubaba ubulewe sengikhulile nje."

Mkhaliphi:"Ngiyaxolisa ukuzwa lokho ndodana."

USphe amoyizele makezwa ubabakhe amubiza ngondodana,.

Themba:"Kona akukho munandi."

Mkhaliphi:"Sebatholakala ababulali bakhe?"

Themba:"Cha kodwa ngizobathola."

MaMkhaliphi:"Cha ndodana."

Themba:"Ubaba wahamba kabuhlungu kwakimi akumnandanga ngeke ngivume umphefumulo wakhe uphume kube ngathi abengasiwutho. Ngiyaxolisa baba kepha indlela engizizwa ngayo."

Mkhaliphi:"Ngiyamuhlonipha ubabakho yize asethuneni ukhulise indoda."

Themba:"Ngiyabonga baba."

Mkhaliphi:"Uhamba naye uSphe makuphela?"

Themba:"Ngizozwa ngobaba kepha isifiso sami ukuthi ngikhone kumubona ngikhululekile."

Mkhaliphi:"Thatha umuntu wakho uhambe naye ungehlule tshela bantu abadala sesibalungele."

Asukume uMkhaliphi

Themba:"Baba ngikuphathele nakhu okuncane."

Akuthathe avule abone umcwebu anikine ikhanda  amubheke.

Mkhaliphi:"Kube ngiyazisho izibongo zakho kodwa angifuni,kuziluma ulwimi."

Themba:"Ngiyazwisisa baba."

Sphe:"Ngihambe baba?"

Amubheke ubabakhe azivale ubuso ngezandla uSphe amoyizele ubabakhe.

Mkhaliphi:"Buza unina  nana makavuma hamba makala hlala, mina ningangifaki biza lamashangane alethe okungokwami."

Akhulume azilumele umqwebu wakhe afulathela abashiye bahleka uSmanga asukume axhawule uThemba.

Smanga:"USmanga igama sbari mawushoda ngezinkabi masoyofuna awabulala ubaba ungithinte mina angigeji nangephutha."

Aqale amangale uThemba

Thami:"Akakukhohlisi."

Baxhawulane futhi aphume uThemba, uSphe athi uyamulandela.

MaMkhaliphi:"Hhey buya uyaphi, kumele baqede."

Amuvulele izandla amuhage uBabalwa umile emnyango  wasegunjin kumnyama akukhanyiswanga sonke lesikhathi abehlezi lapho uyabila.

Ubaba wakhe sekangaze avume lula kanjalo nje. UThemba aphume sekalandelwa uSmanga noThami babangenisa abantu abadala.....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 50b🌼

KWAMKHALIPHI🌼

UBabalwa wayebona injabulo eyayisebusweni buka sisi wakhe omncane akakaze amubone ejabule kanje. Bekafuna ukuvimba ngako konke ukuthi angalinge ahlangane nalomuntu osozoba umyeni wakhe, aye kuye egunjini lakhe.

Babalwa:"Sisi omncane uncumo ebusweni bakho."

Sphe:"Ubani obengeke abenoncumo kodwa sisi."

Babalwa:"Uzohamba manje mabaqeda?"

Sphe:"Ukube kuya ngami kube nginaye ngaphandle njengamanje."

Babalwa:"Akumele wenze njalo."

Sphe:"Usho ukuthini?"

Babalwa:"Kudala uzigcinile Sphe wena kumele uqhubeke uzigcina aze akushade."

Sphe:"Ubaba akasanayo inkinga kanti nami sengiyafuna manje, sisi ngitshele kunjani vele."

Uzibuzela nje uSphe vele ujabulile ufuna ukuzwa ngosesi wakhe ngoba yena kudala akwenza, kanti lokho kuzocasula uBabalwa.

Babalwa:”Ngiyinto yokubuzwa lokho mina, yingoba ungibona ukuthi ngazana nabogwayi.”

Amangale uSphe kungene umawabo ababheke.

MaMkhaliphi:”Umsindo wani lo abantu abadala basematasa ngale Babalwa.”

Babalwa:”Buza yena lo uzongidelela la.”

Umawabo abheke uSphe osowehla izinyembezi amchazele okwenzakele, umaMkhaliphi avele abone nje ukuthi indodakazi yakhe endala seyikwelinye izinga futhi angamenzakalisa udadewabo.

Kudala amubheka akajabulanga abone ukuthi kuncono avikele uSphe ngoba naye usasemsulwa akakaboni kulomhlaba kunjani.

MaMkhaliphi:”Sphe akekho ongakwazi lokho kuzobabuhlungu sesi kodwa uzokuhola lomyeni wakho.”

Ashalazele uSphe nakhu ezotshelwa umawakhe into enje azivale ubuso ngezandla, amehlo amawabo akuBabbalwa.

MaMkhaliphi:”Babalwa uSphe ubuze kahle usesi wakhe asikho isidingo sokuthi umulwise, kimi ngeke akhululeke. Angithi benizoxoxa kahle abuze ngokukhululeka konke umtshele nokuthi alale kanjani enzeni. Udliwa yini kangaka kanti?”

Babalwa:”USphe muncane kulomuntu ma.”

MaMkhaliphi:”Kahleke sesi ubabakhe uvumile wabanika izibusiso zakhe wena ufuna kumalela. Akayinakanga nje futhi ubabakhe indaba yokuthi mudala.”

Aphendule asemnyango uMkhaliphi bengaboni.

Mkhaliphi:”Nginakile nkosikazi ngibone angena asabheke phansi kuthi lidala leshangane kepha ingqondo iyasebenza. Ngeke ahlupheke ugcino wami lapha ngeke ngikusho kugcwala umlomo ihluzile ingane yabantu.

Sphe ungaphuzi lezinto zenu ezinivala abantwana kumele avuse umuzi wakubo uzokuthanda kakhulu futhi.”

MaMkhaliphi:”Hawu baba kahle phuma ngizikhulumela namantombazane ami kanti seniqedile ngezingxoxo wabala?”

Mkhaliphi:”Ngibakabhile manje basayobuza kumkhwenyane.”

Ahleke kancane uMkhaliphi uyabonakala ukuthi ujabulile uSphe avele akhathazeke kakhulu mangabe uThemba ubona ukuthi amuyeke ngenxa yokuthanda imali kwababakhe. Kungene uThami ababheke ngokumangala.

MaMkhaliphi:”Usibukani manje?”

Thami:”Mama angikaze ngiyibone into enje, yazini kumnandi ukufunda mina sengifuna kubuyela enyuvesi ngiqhubeke ngezifundo zami.”

Mkhaliphi:”Yini?”

Thami:”Umkhwenyane wakho bayafika bayamucela kukhuluma naye eceleni labakhaphi bakhe, uyababona nabo ukuthi bathukile. Mina ngidonse indlebeke bese bayamutshela ukuthi nangu

ubaba sekakabhe imali ebathusayo futhi akafuni nokwehla uthi ingane yakhe iphelele. Bona bekeme kanje umkhwenyana wakho baba.”

Amulinganise afake isandla kancane kujini athathe into yokugcoba ayibambe ngesinye isandla alinganise ngathi uyayiphuza ngoba uThemba bekaphethe isigubhu samanzi, alinganise nephimbo lakhe azikhukhumeze isifuba.

Thami:”Konke akufunayo ubaba munikeni noma singajika ngezinyawo athi ufuna nalezimoto esize ngazo munike ungikhulisele imbali.”

Amoyizele yedwa uMkhaliphi

Mkhaliphi:”Awuthi ngiyobheka lezimoto ngizokhetha.”

Sphe:”Haa baba.”

Mkhaliphi:”Ngiyadlala mntanami.”

Babuye ngaphandle noMkhaliphi aphume alandelwe uBabalwa asukume umaMkhaliphi aqonde egunjini lakhe athathe isikhwama samasondo angafuni ngaso esikhulu kanye nesikhudlwana nje abuyele egunjini likaSphe awabeke phezu kombhede.

Bamubuke benoThami avule ikasi lezimpahla adonse zonke izimpahla zikaSphe azifake khona.

Sphe:”Mama bengizobuya ngipake kahle.”

MaMkhaliphi:”Thami vala umnyango.”

Asukume awuvale abuye naye azolalela umaMkhaliphi abambe indodakazi yakhe eziphangeni.

MaMkhaliphi:"Kusukela namuhla usuyinkosikazi yomuntu ungathembi muntu uyangizwa, uThemba akube nguyena umngani wakho uxoxe naye konke mawunenkinga iya kumamezala wakho. Naye mangabe akakuthandi buya kimi umawakho ungaxoxi namuntu, ungangithembisa lokho sesi?"

UThami avele abone naye ukuthi umawakhe umubonile uBabalwa ngoba akakhonanga kufihla, uSphe yena uthathela ekudeni akanakanga. Amuhage baqhubeke bapake noThami sekayamusiza, awole konke nezicathulo nezincwadi aze asuse nezingubo phezu kombhede azigoqe kahle. UThami athathe azifunayo ezinye ayoziphosa ebhavini.

Amulandele ngaphandle uThami ngoba sekamangazwa izingubo ziwashelwani.

Thami:"Mama nami ngimubonile uBabalwa kepha izingubo pho."

MaMkhaliphi:"Umona ngane yami enye into umamncane wenu uyabona asizwani sinaye?"

Acabange vele akakaze ababone benakana njengalaba abanye bodadewabo.

MaMkhaliphi:"Ukhulile Thami noma unamaphutha akho kepha ngiyazi ukuthi uyamuthanda uSphe ngicela uhlale umuvikela. Uyabona mina ngisaphila nanamuhla ngasizwa ubhuti wami. Umamncane wenu wasiloya sinobabakho ngenxa yomona azifunela yena vele wamuthola. Angifuni nje ingane yami indlule lapho futhi kuncono okwami ngoba bengihlakaniphile uyamubona nawe usesi wakho uyazinduruzela."

Thami:"Kona kunjalo ma."

MaMkhaliphi:"Angifuni kubekhona insila azoyithola ekaSphe makangacabanga ukusebenzisa umuthi."

Thami:"Mama uyangithusake manje uBabalwa bayazwana benomamncane noma ilegama enametha lona."

Adonse umoya umaMkhaliphi athalaze asondeze indodana yakhe babhekane emehlweni noma iyinde kuye.

MaMkhaliphi:"UBabalwa uzalwa nguyena umamncane wenu nobabakho. Uyihlo wangishiya nginoSmanga sekathakathwe nguyena bazalisana uBabalwa. Wabuya ubabakho sekayinto egulayo angasamufuni yena ngoba wayengasanayo imali. Kwaba yilaphoke mina ngatshela ubabakho ukuthi akalande lengane ngizozikhulisela kube ngathi eyethu ngoba uzosebenzisa yona. Samuthatha kanjaloke unomhobholo obuhlungu futhi makangazi ukuthi angimuzali uzobila."

Thami:"Manje uBabalwa ewababa nomamncane?"

MaMkhaliphi:"Yimfihlo yomndeni mntanami le ungayikhulumi, ngicela ubheke udadewenu ngane yami."

Thami:"Ngizomubheka yazini mama lento ongitshela yona iyangithusa."

Sekayamuwashisa naye izingubo lapho empompini ngaphandle, kulomuzi namuhla ungafunga ukuthi isemini obagadile angazitshela ukuthi bayathakatha ngoba bamatasa nje.

Masekadelile ngezingubo achithe lamanzi bafake amanye athi sekazozibona ekuseni isisukile insila. Ahambe umaMkhaliphi aphume ngesango uyazi umyeni wakhe angamulwisa kabi makangamubona kepha ngeke azithambisa eyakhe lengane. Athuke uThemba makabona umama Sphe aqonde emotweni yakhe sekahlezi phakathi uSmanga sekahambile makathi uyaphuma angene emotweni umaMkhaliphi ngemuva

MaMkhaliphi:"Ndodana ngoba uthatha uSphe usufana nengane yami ngizokhala kuwe."

Themba:”Ngilalele ma.”

MaMkhakiphi:”Uyamubona uSphe akazi lutho umsulwa kanjani, udadewabo uBabalwa angimufuni emzini wenu, angasondeli nakuwe futhi. Yebo bayizingane zami bobabili kepha yena unomqondo wakhe yedwa, uyangizwa ndodana.”

Akhumbule lento eyenzeka aqala nokumbona

Themba:”Khululeka ma ngizomugada uSphe.”

MaMkhaliphi:”Ngane yami uphaphamise inkosikazi yakho nibe nayo nendlela yokuzivikela ebuthakathini.”

Themba:”Lento ngathi iserious nje ma.”

MaMkhaliphi:”Kakhulu uyangithembisa uzoyinaka ingane yami, ungadli lutho okubuya kuBabalwa ungagqoki akuthengayo.”

Themba:”Ngiyakuthembisa ma.”

Aphume umaMkhaliphi ashiye uThemba adunyelwa ikhanda athathe ucingo lwakhe ashayele uSambulo akabuki nesikhathi.

Sambulo:”Hayi hayi ndoda usibonile iskhathi phela mina angisilo ishangane ebusuku ngiyalala.”

Themba:”Mina angilali kanti?”

Sambulo:”Umnyama angithi ngathi wakhabo Swazi izinto nizenza ebumnyameni.”

Bahleke bobabili bese uThemba uyamuxoxela okwenzekile aze azolobola ebusuku nje.

Sambulo:”Ndoda namuhla ungiphruvele ukuthi uyishangane lempela.”

Bahleke futhi

Themba:”Ngizofuna usizo lwamamawakho nizobuya nini ?”

Sambulo:”Hey my authi lomuntu uhlangene nodadewabo okukudala badukelana angiboni ukuthi uzobuya kusasa nathi ngoba ngimuzwe sekatshela uNomsa ukuthi akabhale ibhodi alibeke esangweni kuthi akekho.”

Sambulo:"Kwenzenjani?"

Themba:"Ndoda ngeke ukhone kungisiza le idinga oledi lakho."

Sambulo:"Kulungile mawuza ungitshele."

Themba:”Ngizofika laphoke mina ndoda senginomfazi yizwa umsimdo.”

Seziphelile izingxoxo umaMkhaliphi ukikize kwavuka bomakhelwane lo ongumngani wakhe bahlala bexoxa naye beme ebaleni emakabo wasondela wazokikiza naye. Akazi nokuthi kukikizelwani kepha ujabulisa umngani wakhe, uThami naye namakwela akazibekile phansi.

UThemba makabona izikhwama zizongena emotweni asangane yedwa aphume aqhasha emotweni ashiye kwalolo cingo lapho. Avule ebhuthini boSmanga bazifake baxhawulane uMkhaliphi umubhekile. Asondele nendodakazi yakhe ayihage eside isikhathi ujabulile ngokuziphatha kahle kwayo kepha manje sekanalobo buhlungu bokuthi iyahamba.

Axhawule uThemba aze amuveyise ngesibhakela.  Bahleke kube njeya

Mkhaliphi:"Ingubo emhlophe shesha ndoda makungenjalo uzolobola futhi."

UThemba abheke uSphe ozishalazelayo celeni kwababakhe.

Themba:"Noma ngingalobola impilo yami yonke thayma ngeke ngibenenkinga."

Mkhaliphi:"Smanga nangu sekangibiza ngalento ongibiza ngayo sebakukhothisile labafana."

UThemba aphonse amehlo egcekeni phakathi amubone uBabalwa ume yedwa le aze amelwe unwele esiphundu, ume esithunzini sendlu. Akamusukeli umawabo uqinsile abalekelwe nayigazi, bavalelise bangene emotweni.

Ayisuse sekashiya nabobabomncane lapho.

Babomncane:"Hawu lomfana madoda bekasikhalela la kuthi size sizomusiza  manje sekasishiya kanjalo, akazi noma sinawo upetrol."

Mkhaliphi:"Nami nginithathele yonke imali nizowufaka ngani lowo petrol."

Bahleke abantu abadala baxhawulane bahambe nabo babuyele egcekeni nabo.

Smanga:"Baba nami ngizokujabulisa lomuntu wagcino ungenze ngizibone ukuthi ngiyisishidama sendodana ngiyaxolisa Mkhaliphi."

Kufane nomculo omnandi ezindlebeni zakhe uMkhaliphi lento ayizwayo amuhage asale sekagaxa inkosikazi yakhe bahagane nabo.

Mkhaliphi:”Siqeda kwamukela indoda yokukhanya kulomuzi nayo ngiyayithanda ingane yami buka manje ubhuti wayo uthini.”

MaMkhaliphi:”Ngempela ukukhanya kuhamba naye umkhwenyana usilethele kona kulomuzi uThami uthe naye ufuna kubuyela enyuvesi.”

Mkhaliphi:”Nawe usebenzile ntombi yami  manje asambe uyophakela isoka lakho ukudla kwasekamereni.”

MaMkhaliphi:”Buya soka lami nami ngijabule nemizwa isho phezulu.”

Bahleke babuyele endlini uBabalwa asale eme ngaphandle lapho esithinzini sendlu la abonwe uThemba khona uthukuthele uze uyakhala....

BABALWA🌼

Babalwa:"Uyowuvusa lowo muzi ngifile ngeke ngivume kudala kunconywana noSphe mina ngibukwa ngathi angikho. Mangabe kwamele ufe Sphe uzokufa bazothi umyeni wakho uqeda kulobola bese ungena mina. NGIZOKUBULALA SPHELELO UZOFA."

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 51🌼

UThemba imoto yayihamba ngesivinini  sekukhona okumlawulayo elokhu ebuka inkosikazi yakhe la celeni kwakhe. Inhliziyo nemizwa igiya yodwa seyijahe kuphakelwa, makafika kulomgwaqo kumele ajike aye ezweni lakhe, omunye umuyisa la kukhona khona umamkhulu amise imoto eceleni. Kuyafana useyitholile inkosikazi yakhe akahambe manje azokwazi ukukhululeka.

Sphe:"Ucabangani?"

Themba:"Nakhu nginenkosikazi angikholwa yazi ujabulile?"

Sphe:"Kakhulu."

Themba:"Usaseready?"

Abheke efasteleni uSphe abone ngezihlathi zikhukhumala ukuthi uyamoyizela

ayisuse imoto...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Basuka kwaTshabalala bahamba uScelo makathi uyabalandela.

Thabo:"Bhungane ngicela wena ulale la ngifuna kuxoxa nawe, nkosi yesizwe uma inkinga unganayo bengicela usale nawe."

UMlungisi abheke isthandwa sakhe  azibonele uThabo ukuthi indoda ayithandi kahle.

Noku:"Ngizobakahle Mgazi."

Jabu:"Ngizomunakekela uzobe anenkosikazi yami."

BabThobela:"Muyeke ndodana ahambe nomndeni wakhe namuhla uzoxoxa no Bhungane bese kusasa ubona yena."

Thabo:"Kulungile bafo ngizokubona kusasa."

Mlungisi:"Ngizosala ngathi kuncono kunokulala ekhweni."

Bahleke bonke.

Sambulo:"My authi sojikela mina manje."

Mandla:"Nkosi yesizwe wakhuluma into ephilayo, kukhona ohlala alala ekhweni hhey mhlawumbe uzoyeka."

Bahleke futhi Bahambe kusale uScelo noMlungisi.

Mandla:"Zolo lokhu ubuzinakisa ngami ungibuka mangidlala nabobhuti bami ngakuzwela manje ngakufaka eskhawameni. Angisakhoni nokufaka izandla zami emakhikhini kugcwele wena, manje sohlangene nebakho abobhuti uyangijijikela uhamba ungavalelisanga."

Bamangale laba abangamazi uMandla uJabu nobabakhe benoMthokozisi bahleke kakhulu bayongena ezimotweni bahambe.

BabThobela:”Sizodla nje namuhla?”

Noma:”Sengiyaqeda baba.”

Mandla:”Bafo qeda nalompukane wakho uNomathemba sekenza ngathi akuvuthwa ukudla kanti kuvuthiwe ufuna alokhu ebukene naye.”

Noma:”Myeni wami uyangisukela.”

Mandla:”Vele ngiyakubona somubuna ubuhle mhlawumbe mina songifanisa nosgidi isilwane sikabhuti wakho ungulube.”

Bahleke uScelo amani amoyizele ngoba akezwa nje kukhulunywa ngani, baphake kudliwe. Masekuhlukanwa yilowo nalowo egunjini lakhe.

Thabo:”Bhungane ngibone umlilo obhlungu mawungena la, umlilo owashintsha impilo yakho yonke.”

Mandla:”Umlilo owakwenza intandane ongasiyo  wafunda ukuzikhulisa umncane.”

Amangale uScelo  ngoba uMandla abehlanya khona manje. Elimudida kakhulu ileli lentandane angasiyiyo.

Mandla:”Bafo ngibona owesifazane ugone ingane uyindlulisela komunye.”

Thabo:”Mina lo engimubonayo bafo ngathi unina wakhe umunika inkosazana.”

Mandla:”Inkosazana enothando yazishelela futhi.”

UMlungisi amangale babhekane banoScelo azishalazelele uScelo abheke phansi.

Thabo:"Yona inothando olumangazayo,igama lengane yakho elikanina?"

Scelo:"Eya bhuti."

Mandla:"UNtwenhle owamunika lona?"

Scelo:"Yebo nguyena."

Thabo:"Awukaxoli ngokuhamba kwamawakhe?"

Scelo:"Ngiba nayo leyo mizuzu yokungazwisisi kuthi ngobani. Okungithusa kakhulu ukuthanda omunye umuntu wesifazane ngathi ngenza ukungathembeki."

Mandla:"Mudedele manje ingane yakho ithole unina oqotho. Kusasa sizokuxhumanisa nomunye usesi wakho uzokuxhumanisa nonina wengane."

Thabo:"Ungudokotela ndoda"

Amangale uMlungisi

Mandla:"Oseqophelweni eliphezulu futhi."

Scelo:"Kunjalo."

Asukume uThabo ayothatha amanzi aphuze

Thabo:”Kusasa siyahamba uyolanda lamaphepha wakho kulomndeni.”

Mandla:”Mina ngicabanga namuhla bafo manje  khumbula kusasa ntambama siqala ibhande. Masingalinda kundlule ibhande uyohamba kudala kabi uScelo la uzolokhu adla ukudla kwethu asiqedela.”

UThabo anikine ikhanda uScelo azimoyizelele."

Thabo:”Uqinsile ababuyeke boThwala.”

Mandla:”Ngizobashayela.”

Thabo:”Nkosi yesizwe kahle kahle ngifuna umfowenu kubi.”

Mlungisi:”Angizwisisi.”

Thabo:”Kumele imfihlo ivele manje ngoba mayizivelela kuzophuma imiphefumulo eminingi neyakhe uMduduzi. Lemfihlo seyifuna ukuziveza."

Abheke phansi uMlungisi

Mlu:”Ngiyakuzwa manje ubuthi ngenzenjani?”

Thabo:”Tshelani uMduduzi konke kuzozenzakalela, kepha kumele niqine nibanakekele.”

Abuye uMandla

Mandla:”Bayeza.”

Thabo:”UMduduzi angatshelwa nguwena ninobaba."

Mlu:”Ngiyezwa nceku.”

Thabo:”Igama uThabo nkosi yesizwe.”

Mlu:”Igama uMlungisi.”

Bamoyizelelane batheleke futhi boJabu kanye noThwala noButhelezi ubabThobela makezwa amaphimbo abo ehle naye ngoba abengakalali.

BabThobela:”Nabamnyama niyaphi?”

Thwala:”Siyaphi phela inkosikazi yami ibhekene nosesi wayo emehlweni ngeke nginakwe nje."

BabThobela:”Ngisashintsha.”

UMandla ahlebe ngakuBonga.

Mandla:”Angikhumbuli mina ngibiza amakhehla bayaphi.”

Amoyizele uBonga

Bonga:”Bazosiphelezela.”

Mandla:”Abasale angifuni mina kungenwa ikhehla etswape yami engcwele.”

Bahleke noSambulo benoJabu bahleke kakhulu ngoba bamuzwile.

Thabo:”Mandla hamba uyokhumula, uthini?”

Bonga:”Awufisi nokwazi.”

Buthelezi:”Mina ngimuzwile ukhuluma ngamatswape.”

Mandla:”Baba ungabe usakhuluma.”

Abashiye bahleka lapho bahambe bayogqoka babolekwe nebanganakho, kukhale ucingo lukaSambulo sekufike uThemba anike uJabu ucingo amulayele.

Sambulo:”Umngani wami lona ubuya kuyolobola udinga umama.”

Thabo:”Igama lake uThemba.”

Avume uSambulo bese ubheka uMlungisi, bahlale balinde uThemba elokhu eduka aze athole, angene abingelele. Bonke bamubuke uThemba phela mude njengabo unelihlo elibi futhi makangena endaweni unakho lokho abantu bavele bamuhloniphe angakazichazi ukuthi ungubani.

Themba:”Sanibonani.”

Bavume bonke bamubuke babuke nalo omncane celeni kwakhe.

BabThobela:"Asambeni madodana nakhu nomngani wenu sekafikile."

Mandla:"Niyaphi baba nina?"

BabThobela:"Asihambi sonke kanti?"

Mandla:"Bonga awungikhiphe letswape."

Bahleke laba abayizwile indaba yetswape

Buthelezi:"Asingahambi Mshengu naweThwala bafuna ukuhamba bodwa basibiza ngamatswape."

Thwala:"Manje nisiyekeleni sanilandela."

Mandla:"Besicabanga ukuthi niya espur."

BabThobela:"Mina ngiyahamba ngoba ngeke ngiqale ngiyovusa umawenu manje."

Mandla:"Ungamuvusi baba uvele ungene engubeni ulale."

Thabo:"Sekalele uNomathemba?"

Mandla:"Akalelanga ulengisa amabele izingane ziyancela."

Thabo:"Mukisa usisi kuye."

UThemba abuke isthandwa sakhe uyazi siyazisabela nje abheke uSambulo avume ngekhanda.

Themba:"Ngizokubona masibuya."

UMandla alule isandla kuthi asibambe baye kuNomathemba asixwaye uSphe.

Mandla:"Sisi mina ngimuhle ekudeni kabi nomyeni wakho ungangisabi. Uyambona nje uzothi uyaphenduka ebsuku athi whaaaaa."

Enze sakubhonga bahleke naye uThemba ahleke amuholele kuNomathemba abazanise bese uyabuya. Bakhulume ukuthi mabafika uScelo enzeni bona bazokwenzani bese bayahamba. UMlungisi, Sambulo, Mandla, Thabo, Jabu, Themba, Scelo nabobaba bobathathu.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

MaBiyela:"Zingane zami seninezingane ezintathu."

Babheke phansi

Biyela:"Kumele uyolungisa indlu yakho manje."

Mdu:"Besiye kuyo baba sayibheka."

MaBiyela:"Sekumele sikhiphe labaqashi manje, isono esingaka."

Biyela:"Bayazi ukuthi bahlala endlini yomuntu ngeke babe nenkinga nkosikazi."

MaBiyela:”Ushilo yini udokotela ukuthi muntu muni?”

Mdu:”Cha akashongo.”

Bahambe abantu abadala bayophumula,  uMduduzi ulokhu uyaxhopheka uzixikixa amehlo.

MaBiyela:”Kwenzenjani ndodana?”

Aphinde ajike asondele kubo nomyeni wakhe amulinde.

Mdu:”Lezinto ziyangiluma kulezinsuku angazi kwenzakalani.”

Lungi:”Kumele ukukhiphe nawe amehlo abekahle kungenzeka sekakahle futhi amehlo akho manje.”

Mdu:”Ngizokukhipha.”

Lungile:”Ngiyeza ngizokusiza”

Babhekane abazali

MaBiyela:”Cha sesi naka nangu uNduduza behawula ukube bengazi nizohamba usuku lonke bengizothi bathatheni bobabili, ugogo akafuni ngabo,bonke.”

Uyajabula uLungile indlela ingane yakhe ithandwa ngakhona yamukelwe futhi, alandele indodana yakhe amufice sekakukhiphile aze ashawe uvalo umntomdala uLungile makangakubona la bungachitheka bugayiwe.

MaBiyela:"Usuzizwa,unjani?"

Mdu:"Ngicabanga ukuthi bewangahlelanga kahle kodwa isimanga angiboni kahle ngaphandle kwawo."

MaBiyela:"Wagqoke futhi mfanami hleze lesilwane  sahlala kakhulu kuwe samosha okuthile."

Abuye awafake futhi

MaBiyela:"Kunjani manje?"

Mdu:"Awasalumi mama nginenkosikazi manje ngifuna kusizwa yiyona ngezandla ezithambile hhayi lezi ezigugile."

MaBiyela:"Woshi mame ukube uyazi ukuthi ngoba akhulelwe khohlwa boBiyela bayahluphana esiswini akukho azokhona kukwenza."

ULungile uyamuzwa umaBiyela amangale nje ngoba nangesisu sikaNduduzo abehlala endikindiki nje, angathandi ukudla konke nje kumcasula uze wabakahle sekatetile.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UScelo bamuphelezela namanje akakholwa ukuthi kunabantu abavele basukumele umuntu lula kanjalo, bahambe baya komunye umuzi bathi bamulandele umngani balindile ngaphandle.

Thwala:"Kwenziwani kanti angaqedi."

Abe aqhamuka amubheke uScelo akamazi agibele etekisini uMandla amudonse.

Mandla:"Hlala lapha celeni komngani wakho nangu."

Ngempela ahlale celeni kwaScelo abingelele kahle.

Mandla:"Uyabona wonke umuntu sekanophathina wakhe manje Scelo loyo uZuzmuzi nizokhulumake ngezindaba bokubhakuza kwenhliziyo kuthi imithambo iphambana njani, naye ungu Dr. Heart beat."

Bahleke sebamubonileke naboMlungisi ukuthi uyazihlanyela ngisho uBonga akadobhi la yena uhlanya abuye nganeno lo akathuli, kepha makenza umsebenzi wakhe ungamuphikela.

Bahambe belokhu bephikisana ngendlela baze bayithole eqondile nakhona ukuthi bathole kakhe loMark uJabu nengqondo yakhe yobugebengu. Sekathole nokuthi ingane yakhe ihlalaphi.

Mandla:"Mkhovu vele usungikhohliwe ngoba sophethe revelation."

Thabo:"Ubani uRevalation manje?"

Mandla:"Nangu phela umuntu azongihlukanisa nomkhovu wami kanye nosgidi osabekayo."

Bahleke laba abazi usgidi isilwane sikangulube boSambulo bona bahlekiswe ilegama.

Jabu:"Mkhovu kodwa ngijikelwe nguwe selokhu kwafika uBonga awusadlali nami awunginaki nje."

Mandla:"Ahh mkhovu wami phela bengisadlala nomunye umntwana uyazi nawe mawukhula ungagezi unensila ezinye izingane zikuphatha kabhlungu. UBonga abenentsila ngimjabulisa naye."

Bahleke futhi babone selima itekisi

Thabo:"Igadiwe lendawo ngaze ngakhumbula uThobela ngokwazi itechnology."

Sambulo:"Ukhona omunye utechnology unzima nangu."

Bamubheke la akhomba khona

Themba:"Kumele singene la?"

Sambulo:"Sho."

Akhiphe ucingo lwakhe achofoze

Themba:"Akekho ophethe ilomothi yesango noma yaliphi isango ngifuna wamasango ahlukene amabili."

uThabo afake isandla esikhwameni amunike eyakwaTshabalala noZuzmuzi akhiphe eyakwakhe awaqhaqhe aphambinise izintambo.

Mandla:"Ndoda uyaganga yooooo manje ngobani uqhaqha?"

Themba:"Ngikhanda ezovula la kufana nokuthi ngisikisa isikhiyo esinye."

Mandla:"Masibuyela emuva kumele simemezeke ngoba soshintshe ilimothi yasekhaya kwaba yakhabo Mark. Wena Thabo ngalomusa wakho uzolala ngaphandle."

Azinikinele ikhanda uThabo

Themba:”Done.”

Bahlehlise kancane itekisi bazilungise

Themba:”Kunamakhemera la esiya khona kanye ne alarm ukwenza kanye nje okubi iyakhala.”

Jabu:”Namuhla nginoRevalation silandeleni nje.”

Sambulo:”Ufuna senze ngendlela yaKhans?”

Jabu:”Ya.”

Sambulo:”Ohk.”

Mandla:”Baba ukahle?”

BabThobela:”Ngikahle mfanami.”

Thwala:”Lendawo ayijwayelekanga ngicabanga ukuthi ningene thina sisale sinigadele la ngaphandle.”

Thabo:”Inkinga ayikho nalapho vele bagadwe izinto zogesi akunazibhamu.”

Mandla:”Mkhovu akuchitheki gazi please.”

Jabu:”Ungakhathazeki mkhovu.”

Themba:”Kunezinja eziyingozi.”

Mandla:”Ukhona umagijinyiswa izinja uzodlala nazo thina masingena.”

UThwala noZuzmuzi babhekane bahleke

Jabu:”Enye inkingake le.”

Scelo:”Ziwumhlobo onjani ngiyakwazi kuncenga izinja mina.”

Babhekane uMandla ahleke

Mandla:”Ndoda inja incengwa kanjani asifuni kuzofelwa nguwe la kanti sizosiza wena, kusamele ushade uzoshaya usesi kaMlungisi strong.”

Bahleke futhi

Thabo:”Shhhh ninomsindo phuma Scelo.”

NoMlungisi amulandele basondele ngasesangweni kepha babalekela ikhemera zibe ziqhamukile ngesikhulu isivinini zikhonkotha bobhova abakhulu bavuza namathe. Aye ngaseceleni obondeni uScelo zimulandele ziyakhonkotha abeke isandla esisodwa obondeni awuphulule elokhi esondela kancane ngala kubonakala ngakhona.

Akwaziwa ukuthi zenzani zona ngake kobonda kepha ukukhonkotha kuya ngokwehla. Ahambe ngobonda aze avelele ngasesangweni futhi mazivela manje azisakhonkothi sezidlalisa umsila.

Bonke bamangele sekayagijima aye le nazo zontathu zigijime aphinde abuye ngapha esangweni nazo zize zisasengaphakkathi.

Sezenza nomsindo  wokudlala uThwala imuchaze lento ayibonayo ngoba uyazithanda izinja eziyingozi, uMlungisi uze amoyizela yedwa. Masekanelisekile aphakamise isandla ukuthi abavule isango balivule izinja zilibelwe uScelo noMlungisi uduzane kepha zibhuqazana noScelo phansi.

Bahambe baze bangene phakathi endlini noScelo alandele azishiye lapho alandele.

Jabu:"Hambo hlala esofeni Scelo."

Baguduze emagunjini bayanyonyoba uThemba sekayicimile alarm kuthi ingakhali nhlobo bamuthole uMark ahluleke nokumemeza. Abakhombe igumbi likababakhe behle nabo baye kuScelo kumnyama kodwa ekhishini kuyakhanya uMandla noBonga bavule  ikasi lokubandisa (fridge) bakhipha ukudla badlela khona, mabeza  nabo bajoyine uMandla abasamukhuzi bayamuyeka azihlanyele nje. UMark makabona uBonga aphuza ngomlomo ubisi anyanye

Mark:"What do you want, who are you people?"

(Nifunani ningobani nina)

Mlungisi:"Sit."

Babaphose kusofa

Mlungisi:"Boss they are here."

Bakhanyise babone uScelo babhekane babuye bamubheke.

Mark:"Skeloooo."

Mlu:"The one and only he doesn't talk you know him right, the man of few words."

(Yena kanye akakhulumi uyamazi angithi.)

Mark:"Look my man I."

Mlungisi:"No remember he doesn't talk you know what you did to him now justice must be served."

(Cha akakhulumi uyakhumbula niyazi enamenza kona manje sekuyisikhathi sobulungiswa.)

Mark:"Dad."

Mlungisi:"Dad at your age?"

UBonga noMandla balokhu bayasukuma bayolanda ukudla ekhishini laba abanye beme emva kwaScelo ngathi izisebenzi zakhe, uMlungisi umile nje.

Mlu:"Ohk it's getting late guys I'm sure you have patients to attend to tomorrow so you need to sleep action."

(Ohk isikhathi siyahamba nginesiqiniseko unezigulane okumele uzibone kusasa udinga ukuphumula.)

Makathi action bakhiphe izibhamu kusondele uJabu ahlele abhekane nabo ahlale phezu kwetafulana liyabonakala ukuthi liyabiza. uMandla unele kubona iso likaMark uJabu makahlala kuletafula ubonile ukuthi akafuni ngetafula lakhe yena agibele kulo eme ngezinyawo.

Mark:"Fuck Skelo my man."

Jabu:"This is what you will do, we are going to record you and your father telling the world how you betrayed our boss."

Mark:"I'm not gonna do that shit, Skelo I will pay you I'm gonna loose my licence if I do this please man have a heart."

Agegetheke uMandla ekhishini.

Mandla:"Have a heart udokotela wenhliziyo utshela udokotela wenhliziyo ukuthi abenenhliziyo."

Ukhuluma uyadla ngapha bachitha nangamabomu

Mark:"SKELO."

Mlu:"Hayi futsek wena phulani lezinto lona ucabanga ukuthi sizodlala la noma sesikhuluma ulwimi lwakhe akezwa."

Basabalale baqale ngetv bayiwise masebakhuphuka.

Daddy:"Fine I will talk."

Mark:"No dad I will...."

Themba:"Hey nywenywe yamasimba khulumani mina angikho kahle inkosikazi yami ingilindile niyabambezela la."

Bahleke kuze kuhleke noThabo bagcine sebakhuluma  bathathe levideo bangene kumasocial media account wakaMark makufake ngathi nguyena okupostile.

Jabu:”One wrong move I mean one move your child in Mexico will have trouble of breathing, your wife now she’s sleeping with that little number the black one.”

(Wenza okuthile nje okungekho kahle ingane yakho eMexico izoba nenkinga yokuphefumula, inkosikazi yakho ulele manje ugqoke lempahla encane emnyama.)

Mark:”I did what you said I must do don’t fucken touch my wife, don’t touch my daughter)

Mlu:”Boss we can go.”

Bonga:”No wait I need a toilet.”

Jabu:”Take your time.”

Ahambe uBonga ayozikhulula makaqeda abuye  asukume uScelo asondele kuMark ababuke afulathele.

Mark:”I’m sorry my man.”

Baphume aphinde futhi uScelo aye ezinjeni abalunguze uMark.

Thwala:”Ngiyazithanda lezinja, mfana ukwenza kanjani konke lokhu.”

Scelo:”Singahamba nazo.”

Mandla:”Hayi ndoda soyanyake manje ubani ozohlala nazo.”

Scelo:"Ngeke zinilume sezinimfumfuthi zaniqeda futhi ngikhona."

Thwala:"Ngizifuna,zonke."

Aphume nazo,uScelo asangane ikhanda uMark ngezinja zakhe ezingatholakali lula futhi lezi wakhokha imali eningi kabi kuthi ziqeqeshwe. Aphume egijima kepha makabona bamubheka bonke angasho lutho azibuke izinja zakhe ziphume nabantu angabazi ziyosithela, akabazi nokuthi benze njani kuze zingabalumi. Bahambe kanjalo....

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU52🌼

Ekuseni bavuka KwaTshabalala nakwaThwala balungisela usuku nakhona igama nje ukuthi balalile. UThemba wahamba noSambulo azokwazi kukhuluma nomamkhulu, uSphe yena bekakwaTshabalala.

MaButhelezi:"Sambulo biza umngani wakho sikhulume."

Sambulo:"Mama angikakutsheli ukuthi ukhona."

MaButhelezi:"Izindlebe zami zizwa kude ngane yami. Bengimulindele futhi bengingazi ukuthi uzongilanda la."

MaThwala:"Uphiwe Neli isipho sakho sikuvumbulula kude."

MaButhelezi:"Namanje angikholwa ngihlezi nengane kama."

MaThwala:"Ngibuhlungu nje ngalento engayenza ngengane kaZodwa uyingane kama encane futhi thina bekumele simunakekele."

MaButhelezi:"Kudala ngimuzama uZodwa sisi bengihlala ubusuku ngimuthandazela kuthi aguquke ngithi mangiyomuncenga kwakhe yena angitshele ukuthi ngizofuna indoda yakhe."

MaThwala:"Akusenani sisi mina manje nginenkinga la."

MaButhelezi:"Inkinga yani?"

MaThwala:"Angisafuni nhlobo usuke eduze kwami."

Amoyizele umaButhelezi

MaButhelezi:"Impilo yami ile nawe eyakho ila sizovakashelana."

MaThwala:"Kona kunjalo kodwa mina ngikufuna la uzokwenzani uZodwa masesimutshele iqiniso?"

MaButhelezi:"Ngizobakahle."

MaThwala:"Ngathi ngizojika nani ngithi ukuhlala hlala."

MaButhelezi:"Ngiphe isonto elilodwa sisi ngilungise ngale bese niyeza."

MaThwala:"Ulungisa ulungisani isonto lonke pho kahle dade ngijika nani ngiyazi nomyeni wami uzongiphelezela."

UmaButhelezi abheke indodana yakhe ayibone ijule kakhulu ocingweni imoyizela yodwa ichofoza abone nje uzixoxela nesakhe isithandwa ayibalalelanga. UNokubonga ume noJabu noBonga ubaphethe ngokubahlekisa uBonga le ekhishini bayaxoxa uMthokozisi naye uyazikhulumela nobabakhe kude le.

Asondeze umlomo kusesi wakhe kancane naye umaThwala amuhlangabeze ngendlebe yakhe ngoba uyabona kukhona afuna kumuhlebela kona.

MaButhelezi:"Ngane kama kudala ngamugcina umyeni wami angifuni kuphazamiseka."

Amubheke umaThwala bahleke baze bashayane ngezandla,uhleko lwabo lwenze bonke bababuke.

MaThwala:"Ngiyazwisisa ngane kama kumele ususe wonke lobulwembu cabanga ngahlala ngaphuma emanzini solo. Manje sekukhona umndeni nabokhokho bezi pider lapho."

Bahleke futhi

MaButhelezi:"Uqinsile dade."

Bahleke futhi nokudla sekumile akusadliwa , asukume uSambulo bamubheke.

Sambulo:"Ayyy mama ayy."

MaThwala:"Yini?"

Aphendule abafulathele

Sambulo:"Lutho ma."

Babhekane

MaButhelezi:"Usizwile lo namadlebe kanogwaja."

MaThwala:"Angikholwa hleze ubabaza lohleko lwethu lwasemfuleni."

Aphume uSambulo ayobheka uThemba uphume akhuluma ngocingo akasabuyi amufice athetha khona. Aze acabange umngani wakhe unolunye uthando futhi ulunge ngenye indlela kodwa ngeke umufise makathukuthele. Namanje uyamubona ngathi uyathukuthela uyazi locingo uzoluphosa kude le.

Themba:"Wena uhambe singasahlangani nhlobo futhi besekuyisikhathi uzongitshela kuthi ukhulelwe."

...........

Themba:"Kulungile sizoya."

Aluvale makaphakamisa isandla sekafuna kuluphahlaza phansi amubambe isandla uSambulo athathe locingo.

Sambulo:"USwazi?"

Themba:"Nx yebo uthi ukhulelwe."

Sambulo:"Beningasebenzisi ijazi kanti."

Themba:"Kwesinye isikhathi besingalisebenzisi kodwa ngiyazi unamanga."

Sambulo:"Unamanga kuthi ukhulelwe."

Themba:"My authi lomuntu besesinezinyanga singalwenzi ucansi futhi ngaphambi kokuthi siyekele bengisebenzisa ijazi njalo. Bengazi ukuthi asinalo ikusasa kodwa kunzima lokuthatha isinqumo yingakho bengihlala ngisebenzisa ijazi."

Sambulo:"Uzodlala uSwazi wena manje uvumeleni ukuthukutheliswa nguyena ngoba uyazi awumkhulelisanga."

Themba:”Ufuna imali futhi angifuna kuphazamiseke uSphelelo.”

Sambulo:”Uqinsile.”

Themba:”Lomuntu abesekhaya kamama wafica uSphe wadelela uSphelelo wamutrabha strong wathathwa amaphoyisa kusho ukuthi amudedele akezwanga usaqhubeka, uphule nezimoto.”

Ahleke uSambulo noThemba agcine sekahleka naye.

Sambulo:”USphe uyishaye kanjani indlovu engaka?”

Themba:”Ngabona isimanga my authi umama ngaleso sikhathi ubukele uhlezi.”

Bahleke kuzwakale noJabu emva kwabo ahleka.

Sambulo:”Umawakho ibhoza ungathola ukuthi ubayekele ngoba abona icheescake iyawina.”

Jabu:”Sengiyalangazelela kumubona lomama."

Sambulo:”Ungaya lapha uzophuma unegama elikufanelayo futhi nawe mawuzibheka uzibone uyileyonto, ngiyamuncaswa umawakho.”

Mabahleka uThemba asheshe ashintshe kanti bayamubona.

Sambulo:”Kwenzenjani manje?”

Themba:"Umama uhlala ahlekisa abantu kepha akajabulanga umyeni wakhe wahamba phambi kwakhe, akajabulanga ngiyazi. Abazali bami bebethandana ngenye indlela nawe uyazi, mangicabanga ukuthi umbulali wababami uyatanasa la ngaphandle kamnandi ngizwa ngiba nenye inzondo, ngizomulimaza lomuntu mzukwana ngamubamba ngalezi ezami izandla."

Jabu:"Ngizokubulalisa my authi ibhlungu indaba yakho."

USambulo angasho lutho acabange ukuthi kwayena uyafana nokuthi ukhaphela umngani wakhe. Bamubize endlini uThemba ahambe basale bodwa. Axoxele uJabu ngesimo nokuthi ubani lowo bekenziwa yini kuthi abukele adlwengule abuye amuchazele ngothando lwabo.

Jabu:"Yazi ukube azange ngihlangane nomndeni kaTshabalala wangibonisa izinto zobuthakathi bengeke ngikukholwe ndoda."

Sambulo:"Hhey nami ngangibuke ngamehlo lawa inyoka iphuma emzimbeni wakhe."

Jabu:"Ngiyabuzwisisa ubuhlobo bakho noMlungisi ungumyeni kaNokubonga futhi niyaxhumana kamunandi. Iqiniso nali kodwa uThemba nguyena mngani wakho amashishini akho amile yonke lendawo ngenxa yakhe.

Uthembekile kuwe ukhule naye kudala awa avuka nawe ubungena emajele kube nguyena okukhiphayo. Kube nguyena futhi osala aqaphe umndeni wakho, naye makavalelwe nguwena obumkhipha. Uzwa ubuhlungu manje kepha uyozwa ubuhlungu ngenye indlela mzukwana athola ukuthi ubuwazi sonke lesikhathi."

Sambulo:"UMlu wangithembisa ukuthi ngeke angikhiphe."

Jabu:"Bafo angazwisisa isimo sikasbari wakhe kuthi abefakwe isilwane kepha ngeke azwisise ukuthi wena ubuwazi wangakhuluma futhi ningaba yizitha kunzima kuthemba umuntu okuphoxile ndoda futhi ngeke asakuthenba. Khuluma noMlungisi njengendoda umtshele makangumngani weqiniso kuwe uzovuma utshele uThemba ngokwakho. Putshuzani lesilonda sibhibhe once nizokwazi kukhululeka."

Sambulo:”Ndoda umshado ukukhulisile wena phela uJJ bengeke akhulume into enomqondo kanje, abezothi tsek akunyiwe makunyiwa.”

Bahleke bobabili

Sambulo:"Uqinsile kodwa ngizomutshela.”

Jabu:”Uyasabeka lomuntu futhi hhayi.”

Bahleke futhi .....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UThemba makangena endlini bahambe benomama kaSambulo bayohlala bodwa ngale ezitulweni zangaphandle. Amubuke umaButhelezi.

MaButhellezi:”Ufuna ngiqinise umndeni wakho wakhula Baloyi futhi uthathe ngesikhathi esikahle, ungatsheli muntu wena ngangikuthandela uNokubonga.”

Ahleke uThemba athalaze naye.

Themba:”Nami ngangizifela ngaye kanti akusinguye.”

Bahleke futhi

MaButhelezi:”Izinqinamba ngeke ngizivimbe ngane yami ngoba ezinye ziza ngokuzoniqinisa lokho ngeke kuvimbeke. Ngeke futhi nginiphe into ezokwenza ningahlukani phela lapho ngizobe sengifaka ushevu othandweni lwenu. Ikhaya nekhaya lidinga idolo likama wakhona

inkosikazi yakho kumele ikhuleke ngaso sonke isikhathi. Uthando lulodwa nje lwabantu ababili lweqiniso futhi liyanqoba umthakathi akangeni kalula kanjalo. Mfanami idimoni endlini likhona ukungena lifakwa abanikazi bekhaya.”

Themba:”Ngilahlekile manje ma.”

MaButhelezi:"Wena uma ungaganga noma inkosikazi yakho ikugangele lizongena kanjalo idimoni. Uyabona lento eyenzeke phakathi kwami noButhelezi."

Kuqhamuke uMandla abambe uSphe ngesandla uyahleka ngapha uyakhuluma.

Mandla:”Eyyy Baloyi angingedwa kanti kulomkhankaso.”

Mababheka emuva uThemba asukume ngokushesha ngoba uyasibona isthandwa sakhe asikho kahle besikhala afike amubambe ngesandla amubheke ebusweni abheke uMandla.

Mandla:”Abekhathazekile ngawe ungasabuyi kepha ngimuchazele ukuthi bekumele ukhulume nomama. Mangabe ufana nenkosikazi yami hayi ndoda ngiyakuzwela uzokukhalela noma uthi uyamuhlonipha uyosuzela ngaphandle. Uzokhala sekumele unye khona lapho abantu bavale amakhala nawe uwavale ngoba awufuni kuphuma uzaze akhale. Amashangane ayasuza yini nithini manisuza.”

Bahleke umaButhelezi asukume ahage uSphelelo naye osohlekayo bahlale phansi noMandla ahlale amubheke uThemba ngokumangala ngoba bazikhulumela noma.”

Mandla:”Awukangitsheli amashangane mawasuza athini.”

Themba:”Tamba.”

Mandla:”Ohk ngiphethwe kutamba, mama.”

MaButhelezi:”Kulungile ndodana, Sphelelo kumele uqine sesi soyinkosikazi yomuntu ngiyakubona uyakhuleka. Manje lomkhuleko wakho kumele ukhule ushintshe. Sokhulekela ikhaya lakho kanye nomyeni wakho.

Ngizonipha amanzi okuthi ningafakeki isidliso ngoba isitha ngiyasibona kuyimanje sibhekise amabombo siya enyangeni.”

Athuke bandla uSphe abheke uThemba

Sphe:”Sinesitha Themba?”

MaButhelezi:”Yonke imishado inezitha ngane yami yingakho abadala bathi masoshadile woqaphela ungakhulumi nanoma ubani, ikakhulukazi ngezindaba zenu zasekamereni.”

Sphe:”Mina angikhulumanga namuntu ma futhi asikabi nezindaba zasekamereni thina ngoba.”

Amuthulise umaButhelezi uMandla uzibambile angahleki

MaButhelezi:”Ngicela uye la endlini yongicelela isigubhu sami samanzi, kumama lo omunye ofana nami.”

Themba:”Ngingasilandi mina ma?”

MaButhelezi:”Cha ngifuna sibanjwe nguye uzokwazi.”

Asukume uSphe makafulathele nje

MaButhelezi:”Themba khulisa lomuntu iyodwa vo into ezomenza acabange njengenkosikazi uyamubona useyingane muncane. Kanti usisi wakhe usheshe waphakamisa ikhanda uzomthola ngendlela angayo uSphe.”

Mandla:”Ngizotshela inkosikazi yami imushayele njalo ekuseni benze umthandazo, uBabalwa uyingozi ngoba ungudadewabo uzalwa naye abemuphatha kahle yena. Kuzobanzima,ukumtshela ukuthi amuxwaye ngoba uzobona wena uyisitha futhi makaya kuyise naye uzomangala ngoba uBabalwa abamazi engenza into enjalo. Ngimubona efika kwakho khona namuhla yena ulwela ukuthi ningalinge nihlangane ngokocansi ngoba uyazi lokho kungenzeka kuzomele aqhamuke nelinye isu.”

Sekamangele manje uThemba nakhu ebiza igama lakhe lomuntu ubukeka ezihlanyela abengacabangi ukuthi uyabona.

Mandla:”Usasezingeni lokukholwa yonke into uSphe wena sebenzisa lokho njengesikhali somshado wenu. Mutshele ukuthi kuwumthetho la ekhaya kuthi makoti avuke akhuleke njalo ngo5 noma senilala aphinde avuke phakathi nobusuku. Mina ngiyakhuleka kodwa umkhuleko wenkosikazi yami yiwona onamandla. Labantu baphiwe bonke amandla ethu akubona. Ungazimela uwedwa uyindoda kepha mawungathola inkosikazi ehloniphayo ekhulekayo uba nesithunzi ongasazi, kanti mawungathoka inkosikazi ezibhedelayo kwawena uyawa endleleni. Mufundise wena lesikhali uzokhuleka noma ungekho uzokhula kwayena emqondweni.”

Themba:”Ngiyabonga umuntu kuningi angakwazi.”

MaButhelezi:”Sekuyisikhathi sokuthi nikwazi.”

Aqhamuke uSphe nesigubhu sikamamkhulu usibeke ekhanda kuhle kwentombi ebuya kokha amanzi emfuleni. UmaButhelezi amoyizele uThemba noMandla bazithulele nje amuthule sona umaButhelezi.

MaButhelezi:”Hlala kumyeni wakho sesi akusekho situlo angikhulumi nomuntu omile mina.”

Agone kuThemba kepha abenamahloni

MaButhelezi:”Lamanzi lawa ngizoninika uthele kancane ekudleni mawupheka, nigeze ndawonye aze aphele nithele kancane emanzini okugeza. Sphe ungalenzi iphutha noma ngabe nithukuthelelene ungalinge ugeze wedwa njalo nigeza nobabili kuze kuphele lamanzi, niyangizwa Themba?”

Themba:”Siyezwa ma.”

Mandla:”Uyanithakatha umama ngendlela emnandi ngoba nizohlanganisa insila yenu manikuchitha futhi bonke ububi balelo langa buzohamba ndawonye. Abanye abantu abadala abayifuni into yokuhlanganiswa kwensila bathi niyazixova kepha la akusinjalo nina nyobe nizihlanganisa kakhulu.”

Kukhale ucingo lwamandla alubheke aluphakamise.

Mandla:”Qhubeka ukhale ngisasekhabo Jabu ngizokuthulisa mangibuya.”

Bamuzwe ahleka umfazi wakhe akhulume

Mandla:”Hayi labantwana sebaqede wonke lama anda hayi ngizowaphatha bakaka kakhulu.”

Amoyizele aluvale uThemba ahalele nje kuthi banenkosikazi yakhe babekanje.

Mandla:”Nayi inombolo yami neyenkosikazi yami ndoda ufone noma ngabe ubenephupho elingatholakali kahle, noma ngabe isiphi isikhathi, nawe Sphe.”

Bavume basukume

Mandla:”Ngisayothenga amabhlumasi ndoda ushaye strong kuzovuleka ingqondo namuhla ningayi ekhaya, ngiphelezele.”

Basukume bobabili makafika emotweni yakhe

Mandla:"Ngibona uBabalwa eza kwakho nina ningayi khona bhukha khona la, noma ngizokunika isikhiyo sakwenye indlu yami nizihlalele khona aze ahambe lowaya. Ushayele umawakho angamuvuleli angalinye angene endlini yakhe. Okunye kwaze kwangena ledimoni kuyobe kunguwe ungamubheki kwakumubheka thatha ucingo lukaSphe ubhlokhe inombolo yakhe."

Themba:"Ngiyabonga."

Baxhawulane angene emotweni ayisuse uThemba abuyele emuva makafika asukume umaButhelezi abashiye namanzi abo.

Themba:"Sesiqedile ma?"

MaButhelezi:"Siqedile ngane yami Sphe ubekahle sthandwa sami ukhulekele nomyeni wakho njalo uyezwa. Uma kukhona ongakutholi kahle ungishayele."

Sphe:"Ngiyabonga ma."

Athathe isigubhu uThemba ayosifaka emotweni kukhale ucingo lwakhe makalubheka amangale ingabe yini uMandla aseyibonile aqeda kuthatha inombolo yakhe nje sekayamushayela alubambe.

Themba:"Mandla."

Uyahleka uMandla amulinde aqede

Mandla:"Sengikhohlwe ukuhleka."

Themba:"Uhlekani?"

Mandla:"Inkosikazi yakho isuke ithwala isigubhu ngize ngacabanga ukuthi sekunomfula kaThwala engingawazi abeyowakha khona."

Aqhubeke ahleke noThemba agcine sekahleka ngoba umangalile naye

Themba:"Ayyy ndoda ngizoluvala locingo lwami."

Mandla:"Luvale ngizokubhalela umalayezo bafo hamba uyokhulisa inkosikazi yakho hhey shadani anginamona."

Bavalelisane aze aluvale ucingo makabheka emuva nangu uSphe wakhe ukhuluma noNokubonga uyashalazela futhi.

Themba:"Ngizokukhulisa njani kepha sthandwa sami."

Ukhuluma yedwa ubabhekile bahagane benoNokubonga abuye kuye amululele isandla bangene emotweni, angakayisusi.

Themba:"Angifuni ukubuyela ekhaya okwamanje."

Sphe:"Ufuna senzenjani?"

Themba:"Ngifuna ukuba ngapha sibesodwa noma isonto nje."

Sphe:"Ayikho inkinga."

Themba:”Kunendlu esingahlala kuyona khona la noma singaya ehhotela ngifuna uzikhethele.”

Sphe:”Noma ikuphi mina anginankinga uma nje ngizobanawe sigeze ndawonye futhi njengoba umama ashilo.”

Themba:”Haaa sthandwa sami.”

Sphe:”Ngathi kunento engifihlelwa yona indlela uma abekhuluma ngayo, umshado wethu ukahle?”

Themba:”Ukahle ishangane lakho liyakuthanda kumele nje wenze lokhu akushoyo uma asambe.”

Sphe:”Ngizwa ngiyasaba.”

Ayisuse uThemba

Themba:”Mawungenza lokhu esitshelwe kona akukho okumele ukusabe. Ungathathi izinto ezikhulunywa abantu. Sizoya endlini le engiyishoyo ngoba mina angisakhoni ngiyakudinga manje.”

Azivale ubuso uSphe ngezandla uThemba ashayele uMandla acele amulayele nesikhiyo athi akeze azosithatha. Ngempela makaqhamuka ume ngaphandle noScelo. Namanje usamangele uScelo ufundile baqinisile mabathi ungabomubuka umuntu umudelele ngenxa yesimo akuso.

Afike amise imoto basondele amangale makabona uSphe ngendlela abuka ngayo uScelo aze abe nesikhwele. Amulayele uMandla amunike nokhiye imoto noma seyihamba aphenduke amubuke.

Themba:”Kwenzenjani ubhekeni kangaka?”

Sphe:"Lobhuti omunye bekangakhulumi."

Themba:"Wenzeni?"

Sphe:"Uyamukhumbula umam Makhulukhulu?"

Themba:"Lo samugundela utshani ongaboni?"

Sphe:"Yebo yena."

Themba:"Ngiyamukhumbula."

Sphe:"Lobhuti ungifanela naye."

Themba:"Sesifikile."

Bangene makathi wehlisa isigubhu uSphe amukhuze avele amoyizele acabange ukuhlanya kwaMandla, bahambe bayongena endlini.

Sphe:"Kuzomele siyothenga ukudla kweviki lonke ngoba akukho la."

Themba:"Ulambile?"

Sphe:"Okwamanje ngikahle."

Themba:"Sizobuye sihambe."

Sphe:”Cha Themba asikwazi kuhlala ngaphandle kokudla ikakhulukazi okuphuzwayo mina ngeke ngikhone.”

UThemba akaziboni nje ayofuna ukudla uziphethelwe izinto zakhe adonse umoya.

Themba:”Buya la.”

Amuqabule

Sphe:”Asambe siyothenga ngizokunika ebsuku kuyafana namanje ngeke ngivume ngoba kumhlophe kakhulu.”

Umuphendula akahleki vele uThemba amoyizele

Themba:”Asambeke.”

Bahamba badla ngaphandle wenza ukuthi baqhube isikhathi lapho ekuthengeni, babuka idolobha lonke kwathi maseliyozilahla kunina walibhekisa endlini kaMandla. Bapakela nje igrocer bebayoyithenga uThemba uyagula.

Themba:”Yeka lapho sizopaka kusasa uma nje sesifake okuhlala ekasini lokubandisa inkinga ayikho.”

Abone ukuthi uyamushalaza aye kuye amuphakamise azifihle futhi bayongena egunjini amukhumule avulele namanzi afake lawa kamamkhulu njengoba abalayelile.

Themba:”Hambongena emanzini ngisakhumula.”

Makayongena uThemba asale athatha ucingo lwaSphelelo abhlokhe inombolo kaBabalwa athole nemilayezo.

*Mntana sekhaya amadoda asile ungavumi kulala naye ngobusuku bokuqala makakuthanda uzokulinda.*

Sphe:"Uyangithanda uThemba mina nakhu ulobolile."

Babalwa:"Unemali angenza noma ngabe yini kuthi alale nawe hlala nje isikhathi.*

Sphe:"Kulungile Sisi.*

Acabange makaqeda ngocingo kwakhe alubeke ahambe ayongena naye emanzini bagezane bese bayazisula.

Themba:"Buya sizolala."

Sphe:"Ngisafuna kubukela umabonakude mina."

Themba:"Ngiyeza nenguboke sizobukela sobabili."

Aphume kuqala azibonele uThemba ukuthi uyamukholwa usisi wakhe. Amulandele bambese bobabili nalento ayivulele uyazi uThemba ukuthi iyamubhora uziba yena. Amuphulule aze aqamele kuye uSphe alalele isandla sikaThemba.

Themba:"Ngiyakuthanda uyezwa?

Sphe:"Nami ngiyakuthanda."

Themba:”Sphelelo.”

Sphe:”Mmmm.”

Themba:”Ubukeleni?”

Sphe:”Angazi.”

Bahleke ahambise isandla esifubeni asifake phakathi kwempahla amubambe ibele elilodwa.

Themba:”Usaseready angithi?”

Sphe:”Ye?”

Amuphakamise ikhanda amuqabule noSphe amuqabule….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Ngosuku olulandelayo uMlungisi bekaxoxa noScelo.

Mlu:”Siyahamba namuhla senikhulumile ninoNtwenhle?”

Scelo:”Asikakhulumi ngoba ngakhohlwa ucingo lwami kepha ngizomushayela, bhuti ngicela ungenzele okuthile.”

Mlu:”Ngilalele.”

Scelo:”Ngicela ungabatsheli ekhaya ukuthi ngiwudokotela ngifuna uNtwenhle azimangalele mangibuya.”

Mlu:”Kulungile ungathathi isikhathi eside nawe ngoba ngizophunyukelwa mangimbona ekhala.”

Scelo:”Ngizwa wonke umuntu ukubiza ngenkosi yesizwe uNtwenhle inkosazana kungani?”

Amoyizele uMlungisi

Mlu:"Uzozitshelela yena uNtwenhle njengoba nawe uzozitshelela kuthi ungudokotela, usuzosala kahle ndoda.”

Scelo:”Ngiyabonga ngosizo lwakho kwesibili manje.”

Mlu:”Ungakhohlwa ingane yasekhaya, all the best.”

Baxhawulane ayongena emotweni besebeme ngaye mayisithela imoto kufike uJabu.

Jabu:”Asambe Dr. Hadebe siyobona ehhovisi lakho nezigulane kuthi uziphatha njani.”

Amangale uScelo ngoba akakawufuni umsebenzi.

Thabo:”Hamba ndoda unesibhedlela uyakuqhasha kuncono masofuna ukubuyela emuva kuzobalula kuthola omunye umsebenzi ngoba uzokwenzela ireference ekahle.”

Makabheka emuva umndeni wonke umubukile ehle izinyembezi uScelo abengacabangi ukuthi sekungaze kusheshe ngalendlela.

Thabo:"Kudala uhlupheka Bhungane zivulekile izindlela zakho zakhanya bha kwagqama, ngibona okukhulu okuzayo kuphethwe inkosazana isthandwa sakho. Angikuboni kahle lokho kepha kuyeza kuzokuqumba phansi ngenjabulo, mawushayisa ubaba uthi ubuye la ekhaya. Uzohlala la uze ubuyele emuva."

Amuxhawule uThabo makuvela uBonga noMandla

Bonga:"Kahle Dr. Heartbeat uyakhala?"

Bahleke

Mandla:"Uzobahlinza kanjani abantu ukhala. Hamba ndoda iNkosi inawe manje isikhathi sakho ndiza nyoni."

Akakwazike ukuphapha uScelo ahambe ayongena emotweni ayisuse uJabu...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Babalwa wavuka ngovivi waya enyangeni ayilayelwe abangani. Nala endleleni kuyasabisa kuyacaca ukuthi lomuntu usebenza into ekhona.

Nyanga:"Ndodakazi into mawuyifuna kwamele usukume. Uthi ufuna kubukwa uhalelwe uMyeni wasesi wakho omncane?"

Babalwa:"Makhosi."

Nyanga:"Ungakhathazeki uzozichamela asakubuka nje. Ngeke akhone kuzibamba uzohlala ekufuna. Uhambe ugeze ngawo lomuthi ubize igama lakhe uze uqede kugeza. Bese uqonda khona."

Akhokhe uBabalwa aphume ngempela wafike wapaka isikhwama wageza wangena indlela engakhulumamga nasekhaya wangavalelisa ngisho ingane yakhe.

Wayithola itekisi kwabalula ukuthola ngoba wabuza ngenhlanhla uyaziwa uThemba bamubeka khona. Isango likhiyiwe akungeneki asamile kanjalo athi ushayela uSphe kuqhamuke enye intombazane.

"Ufunani la ungubani uphi uThemba?"

Babalwa:"Angazani noThemba mina."

"Mawungafuni ukuphendula ubuthula ungazongiphendula amasimba"

"Ngizokunyisa mina manje futhi."

Bashayane ngezimpama la esangweni.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 53🌼

AFTER 6 MONTHS🌼

Kusasa usuku lomshado lukaLungile no Mduduzi bajabulile kakhulu futhi. ULungile ukubo uMduduzi ushiyeke namadodana abo. Bayashada nje inyanga yakhe yokuteta le.

Lunga:"Ngiyakuthanda myeni wami."

Mdu:"Nami ngiyakuthanda sthandwa sami."

Lunga:"Kusasa siyalibopha ifindo phambi komndeni wethu."

UMduduzi usegumbini lakhe uyalizwa  iphimbo likaNtombela ekhuleka.

Mdu:"Ukuphethe kahle uNonduduzo lapho esiswini?"

Lunga:"Nakhu phela akahluphi sengikhumbule abafana bami."

Mdu:"Uzobabona kusasa phumula ukhululeke. Angalinge avele ebusuku ngoba kumele abazali bakhe bashade kushade kusasa."

Lungi:"Ngizomuvalela ngabe uyangihlolela hawu."

Bavalelisane bese uyaphuma uMduduzi angakafiki nakuphi nje amaphimbo  asho phezulu.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

USambulo mayelokhu ecabanga lento eyashiwo uJabu kuthi amutshele wagcina sekashayela uMlungisi amutshela ngesimo akuso.

Mlu:”My authi nibuya kude noThemba mutshele nami ngisendleleni ngizosala ngitshela uMduduzi.”

Sambulo:”Noma silinde bashade kuqala sizokhuluma kusasa?”

Mlu:”Umama wakho wangitshela ukuthi mangabe asifuni kuphume umphefumulo komele sikhulume uLungile engakagqokiswa ingubo emhlophe.”

Sambulo:”Hade my authi.”

Mlu:”Khululeka my authi futhi mawumutshela umutshele ngathi uqeda kuyizwa lento, ngoba makangezwa isikhathi osithulile izosuka.”

Sambulo:"Sho bafo."

Ngempela wahamba waya khabo Themba balungisela umshado kuyakikizwa, makangena nje azithele kuSphe amubuze ukuthi ukuphi umyeni wakhe amukhombe ngale kwendlu.

 Makavela umatasa vele ashawe uvalo kancane amubone uThemba amuhlangabeze.

Themba:”Washalazela nje.”

Sambulo:”Kunento engisindayo my authi engiyizwile.”

Themba:”Khuluma yini leyo"

Sambulo:”Mayelana nokuhamba kukababa kanye nokudlwengulwa kukaLungile.”

Ezwe uLungile ngoba abelandela uSambulo afuna kumbuza okuthile uSphe makathi uyasondela amuthulise.

Themba:”Kwenzenjani?”

Sambulo:”Umuntu owenza yonke lento uMduduzi my authi, ngaleso sikhathi wayefakwe isilwane uyayazi angithi indaba yakhe?”

Themba:”Ngiyazi lemamba yakhona?”

Sambulo:”Yebo ibimulawula ekwenzeni izinto unfortunately  nala ekhaya nguyena owamosha.”

JLungile noSphe babhekane kubuye engqondweni kaLungile kukaningi abezwa uhleko lwesthandwa sakhe kepha kungafiki kuye ngisho nala esandleni unesibazi amubuza ukuthi esani wathi akakhumbuli.

ULungile  wamuluma makamudlwengula azange amuyeke futhi waze waqeda waphuma igazi. Uyafana futhi noNduduzo yena ebejabula mababafanisa athi ingane yakhe ngeke izichelise mayikhula ngoba ingafani  nabo kanti ngempela ukhulisa ingane yakhe. Sonke lesikhathi uhlezi nomdlwenguli wakhe.

Themba:”Sambulo uthini kimi ufuna ukuthi uMduduzi nomndeni wakhe benza ngathi uyamuthanda uLungile kanti bavala lamasimba akhe?”

Uyavutha manje uThemba

Sambulo:"Akukho akukhumbulayo abengekho ezinqodweni zakhe my authi."

Themba:"Kaka leyo Sambulo ukhona umuntu odlwengula engekho ezingqondweni zakhe, nxxxx."

Asuke amushiye lapho aqonde endlini athathe ukhiye wemoto ahle amubone umawakhe ukuthi ibhemile asathi uyabuza umuntu omdala angamunaki aphume aqhasha angene emotweni.

Sphe:"Baby."

Lungile:"Bhuti uyaphi?"

Angene emotweni ayisuse uSambulo agijime ayogibela kweyakhe noLungile azifake phakathi.

MaBiyela:"Kwenzenjani Sphelelo?"

Sphe:"Ubhuti Sambulo utshele uThemba ukuthi uMduduzi nguyena owabulala ubaba wadlwengula uLungile kodwa akasakhumbuli lutho ngoba wayefakwe islwane."

MaBaloyi:"Uzokudinga uThemba la aya khona uyomosha akukho okunye asambe. Yingakho ngangiyifihlile lendaba Nkosi yami ngicela uhlenge indodana yami kukuphela kwayo nje."

Ashayele uSambulo ukuthi akajike azothatha uSphe bayabahlangabeza ngendlela ngoba nguye yedwa ongakhona kumukhuza...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

Ntombela:"Uzomubona okokuqala uzovele amukhumbule Biyela kuyochitheka bugayiwe lemfihlo yimbi iyababa. Uzokufa uMduduzi maningamutsheli ukuthi ungumdlwenguli wamakoti wakhe aphinde abe ngumbulali.”

Biyela:”Musa ukukhuluma ngathi konke lokho wakwenza asezingqondweni zakhe, akazi Ntombela uyakwazi ukuthakatha ngithakathele lesimo sindlule.”

Ntombela:”Ngingakwenza lokho kuthi kuqhubeke umshado wabo kuphela kodwa okuzokwenzeka emva kwalokho ngeke nikuthande, iyoooooo mina ngiwundlulisile umlayezo sekukuwe nkosi yami.”

UMduduzi abambelele ngobonda angaboni nasemehlweni. Akhumbule lento eyenzeka makaqala kufika ngakhabo Lungile. Nguyena owazwisa isthandwa sakhe ubuhlungu kubuye konke okwenzeka ngalobo busuku.

Azibone angena aphuma kuLungile futhi uyakhumbula wayeyintombi nto wamuphuca ngodlame ubuntombi bakhe. Iphimbo lakhe lizwakale ngathi izinyosi ezindlebeni zakhe ekhala uLungile amubone noyise kaLungile ediyazela ezama kuzosiza ingane yakhe wamudubula kabili ngapha abe eqhubeka ngokudlwengula uLungile.

Akayikholwa into eshiwo uNtombela kepha kanjani ngoba ingqondo yakhe ivumelana nakho. Wasithembisa isithandwa sakhe ukuthi uzomubulala umbulali kayise umudlwenguli wakhe. Wamuthembisa wathi uzomubulala ngezakhe izandla mzukwana athola ukuthi ubani ngempela usemutholile. Kumele agcine isithembiso kwamele asigcine acabange uthando nokuxhumana kwakhe noNduduzo.

Yindodana yakhe abuyele egunjini lakhe manje uhamba akaboni kahle kuduma ukukhala kukaLungi nekwamawakhe umaBaloyi nokuqhuma kwesibhamu ekhanda lakhe.

Acinge isibhamu asithole asibeke phezu kombhede abhale incwadi makaqeda ayivale ayifake kwimvilophu ayivale aphume sekadengezela ngathi uphuze utshwala. Babone abazali bakhe ukuthi ngempela uzwe konke bamugcine angaphandle namadodana akhe bamulandele.

Biyela:"Ndodana."

Mdu:"Indodana yakho ingumbulali, ingumdlwenguli baba nina niyifuyile la niyifuyile. Ngizoyilungisa yonke lento mama ngicela unike uLungile lencwadi ungalinge uyivule."

MaBiyela:"Ndodana Biyela muvimbe."

Makathi uyasondela amukhombe ngesibhamu.

Mdu:"Ngizokudubula mina ungalinge ungilandele mangikhonile kubulala ubaba womunti engimuthandayo nakuwengeke kube nzima, NTWENHLE,GABSILE."

Baqhamuke ngemuva begijima ngoba bebazipholele nezingane ngale bamangale mababona ubhuti wabo sekashintshe wayisilwane nesibhamu esandleni.

Mdu:"Ngicela ningikhulisele bafana bami ninakekele nomawabo."

Angene emotweni ayisuse kuze kushunquke nothuli phansi mayijika ikhona icishe iwe ayibambe basayibhekile, ahlanye uBiyela ngendodana yakhe.

Biyela:"Shayelani uMlungisi."

Basathukile abezwa nokuthi bayathunywa.

Biyela:"HEYNINA NGITHI SHAYELANI UMLUNGISI."

Baziphuthaze bobabili ucingo lwabo bobabili bamushayele ngesikhathi esisodwa banganaki. UMduduzi ushayele wafikelwa umcabango ukuthi uNduduzo uzokhula kabhlungu makezwa ukuthi wenzeka umawakhe makadlwengulwa.

Mdu:"Ngizokuvikela ndodana yami ngeke ubuzwe ubuhlungu ubaba angasekho kulomhlaba ngeke."

Ayijikise imoto iqhamuke amaphaphu asasephezulu ayipake emgwaqeni angavali nomnyango makaphuma. Ikhanda alikho akucabangeki kuye makasathi uyamoyizela uBiyela ngendodana yakhe abandlule.

Mdu:"Nduduzo."

Kuqhamuke nako kugijima uyalazi iphimbo likayise amuthathe amuhage amuqabule umfanakhe.

Mdu:"Ubaba uyakuthanda wena uyohlezi usenhliziweni yami kakhulu futhi kunabanye."

Basalalele lokho angene emotweni yakhe nengane ayisuse manje sekayinyathela okwangempela.

MaBiyela:"MDUDUZI NDODANA, OHHHH BAWO UNGISHIYELANI NA."

Asazilahla phansi nje kuqhamuke enye imoto ngomunye umgwaqo nayo iza ngesivinini sayo ingene kabi esangweni ize idudule imoto kaNtombela kukhale amathaya impunga ayibonakali nakancane kwehle uThemba.

Gudu gudu gudu gudu gudu uvalo kubobonke.

MabmBiyela:"Thatha mina Bawo."

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 54🌼

USambulo wayemlandela ezithendeni uThemba yize ajikile walanda uSphe kanye nomawakhe wayinyathela uthuli obelwenziwa imoto kaThemba bebalubona yize yona ibingabonakali. Kukhale ucingo lwakhe ngaleso sikhathi alubambe.

"Ndodana."

Sambulo:"Ma."

MaButhelezi:"Vusa lesilwane esikuwe manje ayikho enye indlela."

Sambulo:"Angizwisisi ma."

MaButhelezi:"Yehla kuleyomoto kunomfudlana ngalapho."

Aluvale umawakhe uSambulo noma angazi okumele akwenze kepha uyamuthemba unina.

Sambulo:"Lungile uyakwazi kushayela?"

MaBaloyi:"Ngizoshayela mina."

Sambulo:"Unesiqiniseko ma?"

MaBaloyi:"Yebo ndodana."

Sambulo:"Lungile uThemba uzobulala umndeni wonke waMduduzi yekela ukukhala ulayele umama , manje."

Lungile:"Ngiyezwa bhuti."

Sambulo:"Mama ngiyasazi isimo kepha ngicela ukhumbule isizathu esasenza umufihlele lento, nawe ngicela ungavumeli intukuthelo."

Ayikhiphe emgwaqeni makabona lomfudlana, umaBaloyi aphume ayohlala endaweni kamshayeli uSphelelo ukhala into engachazeki uvalo luyamushaya ngomyeni wakhe. Ayisuse makabona ukuthi ushayela kahle kodwa usesivinininini naye, akhiphe ucingo lwakhe ashayele umawakhe.

Sambulo:"Sengehlile ma emotweni ngingedwa."

MaButhelezi:"Uyakhumbula lamandla abebawalandela kuGabsile sonke lesikhathi?"

Sambulo:"Ngiyakhumbula ma."

MaButhelezi:"Lawo mandla akuwe namuhla kumele uwasebenzise, ungangibuzi okuningi wenze lokhu engithi kwenze."

Sambulo:"Shesha ma."

MaButhelezi:"Gijima uye kulomfula ungasabi ngikubhekile ufike ungene ume ngezinyawo usho izithakazelo zakini ngane yami noma ngabe uzizwa ngathi uyakhathala uqhubeke uzokwazi okumele ukwenze emva kwalokho. Siyahamba isikhathi nguwe wedwa ongabasiza uThemba uthukuthele."

Aambulo:”Kulungile ma.”

MaButhelezi:”Ungaluvali locingo ngizokwazi kukubuyisela esimeni sakho, funa into ulufake entanyeni luzolenga.”

Ngempela akhumule intambo yezicathulo afasele ucingo lwakhe entanyeni acabange isthandwa sakhe afike emanzini angene ngezinyawo. Luyamushaya uvalo ngoba akayazi lento yena uzazela impi yezibhamu. Ezwe iphimbo likamawakhe entanyeni kulocingo.

MaButhelezi:”GXILA NDODANA GXILA AZOKUTHATHA LAMANZI AWAPHEPHANGA GXILA.”

Azikhuze agxile kulento ayenzayo ahambe kancane emfuleni amanzi aze amufike okhalweni.

Sambulo:”BOBUTHELEZI SHENGE, SOKWALISA, MNYAMANE KA NGQENGELELE, PHUNGASHE SONDIYA MNANDINGAMONDI. WENA OWADLIWA ZINDLOVUKAZI ZAMLOBOLELA, NINA ZINYAWO EZIMAHHELE, ENAGANISA IZINTOMBI NANGAMBILI.”

UmaButhelezi nomyeni wakhe nabo bayamusiza ngale uButhelezi uyathakazela ngoba ezinye akazazi uSambulo, umaButhelezi uyakhulekake yena. USambulo amaphimbo wabo uyawezwa nokuzwa ubaba wakhe kumuphe umfutho nogqozi agxile akhohlwe yikho konke.

MaButhelezi:”YEBO BABA SIBIZA WENA NGONYAMA YEZULU WENA MAVULA KUVALIWE, WENA NKOSI YAMAKHOSI WENA SBANI SEZWE. KHANYISA SOMANDLA GUQULA LESIMO NGOBA ASIBUYI KUWE.”

Kudume  kubanike kuguqubale ngokushesha kube munyama bhuqe emini, abamubone uSambulo asithela ngasemfuleni bazitshele ukuthi sesimudlile isilwane somfula. Kuthe kusenjalo akhukhumuke amanzi noSambulo phakathi, aphuphumele phezulu eme mpo amanzi afane nokhuni olude.

Athalaze amubone umngani wakhe aphethe ingane kaMduduzi uyifake ekhwapheni, ajikise ikhanda abone uMduduzi ume kumjantshi wesitimela nengane yakhe noLungile. Abone uMlungisi benoNokubonga bafika emagcekeni akoBiyela, abone la okumele aqale khona.

Abhonge uSambulo azizwe izimpahla zakhe zidabuka ukuqala emahlombe zirephuke zonke ziwele emanzini. Usalizwa iphimbo likamawakhe.

MaButhelezi:"Siyakwamukela ngonyama."

Agxumele phansi aphume emanzini isimanga  akazizwa awuye isibindi anaso kwayena siyamumangaza, agijime makavela ebantwini babaleke angayingeni indaba yabo . Ugijima uyazizwa ukuthi sikhulu lesivinini ulokhu equma. Afike ngakumjantshi aqale afune uyashesha nakhona.

Makalokhu efuna asizwe isitimela Bho Bhooooooo ezwe nokukhala kwengane. Ingane ikhale kanye bese ayisezwakali abantu bamemeze asondele ngejubane isixuku sabantu. Mabamubona babaleke nabo agxumele phezu kwesitimela sihamba, ulokhu ubhonge njalo.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

Angene uMlungisi ngemoto uvalo lumqeda amalunga wonke omzimba, makathi uthatha isibhamu amkhuze uNokubonga.

Nokubonga:"Mgazi sishiye uzokubona ngathi usempini naye."

Mlu:"Ndlovukazi yebo sibebabi kuye kepha umndeni wami ngeke ngithule ababulale, wena sala la emotweni."

Noku:"Kodwa Mgazi."

Apmubuke ngelinye iso ashwabane naye uNokubonga.

Mlu:"Hlala ngala mawubona into enobungozi ziphephise wena ubaleke."

Uthukile naye uNokubonga wambona uMgazi wakhe mabaya empini phambilini wayengasinjena, namuhla ngathi ugqoke esinye iskhumba esisabisa kakhulu. Makasithela aphume naye emotweni ajike uMlungisi azithele phezu kwakhe.

Mlu:"Ufuna kulalela bani mawungalaleli mina?"

Abheke phansi uNokubonga

Noku:"Mgazi wami ngeke ngikwazi ukuba ngaphandle wena usengozini, makufiwa mina kungani kumele ngisale nezinhlungu ngidedele ngife nawe, kodwa ngiyazi awuyi kofa qhawe lami."

Athinteke ngalamazwi amuhage amuqabule esiphongo amubambe ngesandla basondele kancane uyabona ukuthi abantu ngathi kukhona abakubonile futhi usabela noThemba bazobiza amaphoyisa. Avule umnyango kukhiyiwe kuthuleke axole makabona nemoto kaSambulo okusho ukuthi ufikile uzokwazi kukhuluma nomngani wakhe.

Themba:"UBANI?"

Mlu:"Mlungisi."

Themba:"Lafika izibulo, sukuma uvule umnyango."

Awuvule uGabsile bangene, uNokubonga usasenakho ukuthi uGabsile udadewabo omncane, amuhage makangena. UMlungisi makabona bonke bahlezi abalimalanga axole.

Angene abheke uThemba nabo la endlini baxole noma bangazi kanjani kepha babenethemba lokuthi kuzocaca manje. UThemba uhlezi nezingane zonke ngisho noMpilwenhle, bonke bahlezi kahle kodwa uvalo lusebusweni. Angene aye ngasegunjini angaboni umfowabo abuye kukhona noLungile amuzwele isimo akuso kepha uthulile nje.

Mlu:"Uphi uMduduzi?"

Lunga:"Nendodana yami."

Ukhuluma uyakhala uLungile kube buhlungu kuThemba naye wehla izinyembezi ngokwakhe.

Mlungisi:"Baloyi."

Themba:"Biyela."

Mlu:"Ngiyazwisisa intukuthelo yakho."

Themba:"Uyayizwisisa awuyizwa kodwa ungamoshi isikhathi sami ukhulume ongakwazi ngimele umfowenu ngiyazi ngeke  kube lula kuzibulala uzobuya."

Lungile:"Bhuti ngicela usinike ithuba lokumsindisa."

Amubheke uThemba ababheke banomawakhe

Themba:"Ufuna kumsindiza Lungile?"

MaBaloyi:”Ndodana uyazi nami kudala ngilumele losuku lolu okungenani asibike lodaba emaphoyiseni.”

Biyela:”Yebo ndodana ngivumelana nomawakho.”

Themba:”Baba awubazi ubuhlungu engibuzwayo ngokubona wena nje indlela owenza ngayo ungikhumbuza ubaba, izingane zakho ziyashada uyazibona zonke naba abazukulu bagcwele indlu uyababona. Ewami ubaba akekho umawami akasanamyeni uhlala yedwa ungitshela ukuthi uyazwisisa.”

Biyela:”Ngiyazinikela ndodana dedela umndeni wami ngibulale bulala mina nami ngeke ngibone mzukulu.”

Amemeze umaBiyela

MaBiyela:”Kahle baba kahle, uBiyela uzomshadake umawakho angasahlali yedwa sizohlala sonke, nani nizofana nezingane zakhe ndodana ngiyacela.”

Bamumangalele bonke

MaBaloyi:”Hayi wena sponono ngizalenzani mina lekhehla lakho, Themba.”

Makaphakamisa amehlo uThemba amubone kuthi ngathi bamucasula kakhulu, uSphe akawakholwa amehlo akhe ushade isilwane kanti. Umuntu obusa enhliziweni yakhe kanje, umuntu omufake esigabeni sobufazi, umuntu onobunene kanti uyakhona kushintsha abe yindlavini. uThemba yena akafuni kwakumubheka uSphe.

Mlu:”My authi kubuhlungu ngiyazi kepha ngicela ubuke unjani umndeni wonke ngicela ungayenzi lento. Buka nalomfana ugonile kuwe akazi nokuthi kwenzenjani yena uzibonela umalume wakhe. Siwumndeni bafo manje lesilwane esasikuMduduzi senza iflop kakhulu kodwa

lezithandani ziwuhlanganisile lomndeni. Ngicela ubadedele bafo sizoba nawe every step uze uthole ukuxola . Umama sizomunakekela please bafo.”

Themba:"Ngeke ubazi lobuhlungu bafo.”

Mlu:”Uqinsile ngeke ngibazi kepha awucabangi ukuthi sibe wumndeni bekudaliwe? Uke wamunaka uLungile noMduduzi banjani. Ukufa koyedwa bafo lo omunye ngeke aphinde aphile. Ngicela umani umubophise uMduduzi abesejele ngesenzo sakhe.”

Asondele kuThemba ahlale celeni kwakhe ahlebe bangezwa bonke.

Mlu:”My authi buka inkosikazi yakho angiboni ekuthemba futhi.”

Angamubheki uThemba.

Mlu:”Uze awukhoni kumubheka nawe.”

Themba:”Mama kimi kunetshe ngaphakathi elikhulu angikholwa ukuthi uMduduzi ngiyoke ngimubuke kahle ngitshele ufuna ngenzeni.”

MaBaloyi:”Asambe ndodana siye ekhaya awunayo wena inhliziyo yombulali.”

Themba:”ULungile yena aqhubeke ashadele kulomndeni bahlale bajabule, uyamubona nawe ufuna kuyosindiza isoka lakhe.”

MaBaloyi:”Usisi wakho omncane lo kudala umuvikela mawungafuni ashade kukuwe ngeke ngizingene ngoba angazi kwamina. Kepha usesihlanganisile nalomndeni ngisho nangegazi nazi izingane. Lungile azange uke umubone lomkhwenyane wakho?”

Uyakhala uLungile angaphenduli bezwe umsindo wemoto yamaphoyisa ngaphandle namalambu asukume alunguze uMlungisi benoThemba. Ashintshe isibhamu uThemba makabona amaphoyisa, bakhale abe nentukuthelo futhi uThemba kanti ulaka besekalwehlisile uMlungisi.

Themba:"Ubani oshayele amaphoyisa?"

Abheke uMlungisi amubeke isibhamu kugqogqogqo.

Themba:"Nguwe?"

Asukume uSphe la akhona ayongena phakathi kwabo afulathele uMlungisi abuke uThemba emehlweni.

Sphe:"Bangangena la endlini Themba bakubophe ingane yakho ngeke uyibone, ngeke ngivume mina ingane yami ibe noyise ongumbulali. Nami ngiyafisa ukuthi kube ubaba uyaphila azobona kuthi indodana yakhe izowuvusa ngempela umuzi wakhe. Uhambile yonke lento oyenzayo ngeke imubuyise ngicela wehlise umoya Baloyi. UThe ngithembe uThemba wami manje ngimuthembe kanjani uThemba wami afuna kungishiye ngikhulise ingane ngedwa."

Themba:"Ukhulelwe Sphe?"

Sphe:"Buka usesi wakho makangathula manje uzothini ngoba uthukile ufuna umyeni wakhe."

Lungile:"Angimufuni loyo angikhaleli yena futhi ngikhalela ingane yami mina. Bhuti noma ungamubulala umudle ngeke ngibe nendaba ngifuna ingane yami."

UmaBiyela noNtwenhle bakhale  ilamazwi manje sebakhaliswa nawukuthi noma bangamuthola aphila uMduduzi la akhona sekalahlekelwe isithandwa sakhe, ubambo lwakhe. Bayazi lokho kukodwa nje kuzomubulala aphila.

MaBiyela:"Makoti uxolo."

Sphe:"Asambe myeni wami."

Athathe isandla sakhe asibeke esiswini noma singabonakalisi kuthi ukhulelwe kepha ajabule uyazi ngeke amuqambele amanga.

Themba:"Ukhulelwe Sphe.?"

Sphe:"Ngikhulelwe."

Themba:"Ubungangitsheli ngani?"

Sphe:"Bengithi ngizokutshela ngosuku lwethu lomshado, luduzane nalo umama kodwa abengisola ngimuphikise."

Themba:"Ngicela ungixolele ngokuba isilwane phambi kwakho usengangithemba."

Amuhage uSphe uThemba anike uMlungisi osovaleleke ekhoneni emva kwaSphe  isibhamu kube khani bedonsa imimoya endlini. Akhale uThemba ngendlela angakaze akhale ngayo ngisho noma kuncwatshwa ubabakhe azange akhale kanje. UmaBaloyi abone ukuthi usakhalela ubabakhe manje amuthulise uSphe akhale aze adele.

Asuke abambe uSphe amaphoyisa asamemeza ngaphandle avule umnyango uThemba asukume ngokushesha uBiyela.

"Sithole ucingo kuthi nisebungozini,la ekhaya kungene indoda iphethe isibhamu."

Biyela:"Nithunywe la ekhaya ngempela asiyibonanga thina, Mlungisi."

Avele uMlungisi

Mlu:"Ba."

Biyela:"Niyibonile indoda yesibhamu?"

Mlu:"Cha baba asiyibonanga, Themba wena uyibonile?"

Themba:"Angiyibonanga."

Lingene iphoyisa libabheke elinye libhekisise uLungile.

"Pho kungani nibaningi kangaka?"

Mlu:"Kunomshado phela la ekhaya kusasa."

"Sisi ukahle?"

MaBaloyi:"Yoooo sekushoda usibuze umbala wamaphenti esiwagqokile."

ULungile angaphenduli ubuke endaweni eyodwa la ekhanda lakhe kudlala yonke lento eyenzeka makadlwengulwa. Aziphumele amaphoyisa umaBaloyi asondele kwindodakazi yakhe ayiwolele kuye ithule du.

MaBaloyi:"Ngane yami uSambulo wehle endleleni uzoyiphephisa indodana yakho."

Avume ngekhanda uThemba asondele kudadewabo babhekane.

Themba:"Nami ngisathukuthele angazi uyise wezingane zakho ngiyoke ngimuxolele na. Ngeke ngikuvimbele mawufuna kuqhubeka ngomshado ngizokwenza lokhu engikuthembisile kukuphelezela esontweni ngithathe indawo kababa. Ngiyakuthanda uyezwa."

Lokho nje kumehlisele ngezinyembezi uLungile kepha angamemezi amuhage ubhuti wakhe.

MaBiyela:"Abeshiye incwadi uMduduzi athi ngikunike mhlawumbe ingasho ukuthi ungakuphi sisi."

Ayamukele uLungile izandla ziyaqhaqhazela ayithathe uSphe amuvulele yona amunike ayibheke uLungile.

Lungi:"Ngicela ungifundele ibhalwe ngesizulu angikwazi kusifunda."

Ayithathe uSphe

Lungile

Masofunda lencwadi kuyobe kusho ukuthi sengilifulathele leli, ngigcina isithembiso engasenza kuwe. Bengingazi ukuthi yimina umbulali, yimina umdlwenguli. Ngakuthembisa ngathi mzukwana kuvela ukuthi ubani umbulali ngizomubulala ngezami izandla.

Ngihambileke ngiyomubulala manje ngeke uphinde umubone. Ngicela uqine ukhulise izingane zethu ngizipha lobuhlungu bokungaboni indodakazi yami mayivela ngoba nami ngiwuzwisile umndeni wakho ubuhlungu. Nizongifica ngiyizicucu ngingahlanganiseki noma ningangijika endle ningangincwabi njengomuntu nalokho kuyobe kungifanele, nguwena futhi ozoba nezwi njengenkosikazi yami.

Ngiyakuthanda shangane lami ngohlezi ngikuthanda nangale kwethuna mangabe kuliqiniso ukuthi abangasekho bayabona, mina ngiyohlezi ngibuka wena ngikuphephisa sala kahle nhliziyo yami, gugu lami, mpilo yami.

Yimina umdlwenguli wakho, umbulali kepha isithandwa sakho."

Asukume uThemba abheke uMlungisi.

Themba:"Asambe somucinga."

Mlu:"Kuphi my authi?"

Themba:"Ukhulume ngokuba izicucu encwadini yakhe usesitimeleni la akhona."

Lungile:"Ngihamba nani bhuti."

Themba:"Cha Lungile."

Lungile:"Ngifuna ingane yami mina."

Mabasukuma kuzwakale umsindo omkhulu wokubhonga ngathi ibhubesi likhona eduzane asukume uNtombela besebamukhohlwe bonke. Kukhale nezibhamu sekuyadutshulwa ngaphandle amaphoyisa awakahambi ngoba asolile kukhona okwenzekayo.

Aqonde emnyango uNtombela awuvule eme emva kwawo, kusondele ukubhonga sebathuke bonke manje. Lingene ibhubesi libhonge liphethe ingane ngomlomo malibhonga aliwuvuli lomlomo liqonde kuLungile.

Bamemeze bakhale bayosunduzelana ekhoneni uNtombela avale umnyango. Mababaleka uLungile athuke angakhoni nokusukuma noma selisondela kuye lebhubesi libeke ingane emathangeni wakhe.

Lungile:"UNduduzo ingane yami ohhhh mama ingane yami iyaphila."

Bayamuzwa uyakhala uyakhuluma kepha isimanga ilebhubesi eligcwele indlu nomsindo walo. Bezwe nephimbo entanyeni yalo kepha abezwa kuthiwani yilona lodwa elizwayo.

MaButhelezi:"UGabsile uthukile mudonse la akhona umuhlalise phansi uqamele kuye uzokwazi okumele akwenze uNtombela. Usebenzile Somndiya uyindodana kaMkhululi wena, ubakhululile kulowomndeni."

Avale ucingo umaButhelezi lithalaze ibhubesi abone uGabsile asondele lapho ekhoneni bamemeze kakhulu uMlungisi akhiphe isibhamu amukhuze uNtombela uyacinga naye esikhwameni sakhe. Babaleke libambe uGabsile ngomlenze limudonse. Akhale uGabsile amemeze azame kukhahlela nokushaya nezibhakela kepha kufane. Likhulu ibhubesi lingaka kuye.

UNtwenhle phela sebayathandana nosesi wakhe akhale naye azame kuyoziphosa kubo bamubuke amubambe uNtombela amunike uBiyela.

Ntombela:"Nkosazana yehlisa umoya ngeke likwenze lutho, thula umsindo shhhhhhh hlala unabe nkosazana."

Uyaqhaqhazela uGabsile anabe nalemilenze ayikhoni kuhlala ithule uthukile iyaqhaqhazela ibhubesi libeke ikhanda lalo emathangeni kaGabsile lilalise nomzimba phansi. Usakhala uGabsile sekabeke nezandla emlonyeni, uBiyela afunde kwezakhe benomaBiyela kuthi ubani lo kube khani bekhululeka.

Ahambe alande ibhayana umaBiyela ambese lebhubesi athathe izandla sikaGabsile azibambe zombili amuthintise isilwane sakhe kuthi asiphulule asuke yena. UGabsile abone locingo entanyeni olwesithandwa sakhe uvalo lusekhona kodwa.

Ntombela:”BoShenge ngiyaxolisa nginibizela emzini ngiyashweleza nali iqhawe lenu nangu umkhululi wobunzima usewuqedile umsebenzi.”

Asho naye izithakazelo bese uyasuka celeni kwabo.

Ntombela:”Mubambe umuqinise, khiphani lezingane la.”

Liqale likhuhluzeke ibhubesi kuqale kuvele izinyawo kube zomuntu kulande umlenze kukhuphuke njalo aze aphelele uSambulo. Abakwazi okunje babukane bonke ngisho noThemba obesekafihle uSphe emva kwakhe umangele.

UMlungisi akazi noma ayikholwe into ayibonayo noma ayiphikise. UGabsile sekehlise nomoya isthandwa sakhe akokode amaphoyisa kakhulu manje sebakake indlu yonke abantu babukele emzini yabo emafasteleni. Phela balibonile ibhubesi lingena kulomuzi.

Ntombela:”Vula umnyango nkosi yami.”

IGabsile akhiphe locingo entanyeni kaSambulo asizwe uThemba ngoba kufaseke kakhulu, bathi akagqokiswe kuqala. ULungile asukume naye aye egunjini lakhe nomyeni wakhe ayoshintsha indodana yakhe uNduduzo.

Abuthe lamaphepha wonke abewabhala abuye ashwabanise alahle aqale akhale futhi ezwe ngathi kukhona okumhlabayo esiswini amanzi adabuke agobe lapho embhedeni.

Avulelwe amaphoyisa sebahlezi phansi bonke uSambulo akakabi kahle uqamele kuGabsile kepha bahlezi kusofa manje.

”Kwenzenjani kulomuzi kungene ibhubesi la, babBiyela.”

Biyela:”Angilibonanga ibhubesi mina, Mlungisi ulibonile?”

Mlu:"Cha baba angilibonga, Themba wena ulibonile?"

Themba:"Lutho nakancane."

"Ngicela nisichelele singene."

Mabangena bathalaze

"Kukhona usisi bekahlezi la ukhulelwe uphi?"

Asukume uNtwenhle ayomubheka egunjini labo ahlangane naye emnyango athi uyaphuma. Bamubuke naye ababuke. Babuke noSambulo bese bayaphuma badideke benjalo. UmaBaloyi akekho kahle ufaseke izandla akakhoni kwenzani indodakazi yakhe ithanda umbulali womyeni wakhe.

Ntombela:"Mama ngicela kukuchazela isimo salomfana."

MaBaloyi:"Ngezwa baba bangichazela kodwa lokho ngeke kususe lobuhlungu."

Lungile:"Bhuti uphi uMduduzi?"

Aphakamise ikhanda uSambulo ukhathele umzimba wonke uyaqaqamba nekhanda ngathi alikho kahle.

Biyela:"Akakhumbuli ngeke akhone ukusho muthatheni ayolala kancane."

MaBiyela:"Ingane yami mhlawumbe ifile la ikhona."

UThemba ulokhu ubheka umawakhe okhalayo, akamemezi ziyehla nje izinyembezi abone ukuthi ulimele kakhulu. Asondele ahlale celeni kwakhe amuhage abamazi umawabo enjena kwamaBiyela naye useyakhala. ULungile akakhulumi ukuthi amanzi adabukile nezinhlungu ziyamubamba zimuyeke.

Makabuyela egunjini lakhe amulandele uNokubonga amufice azibambe esiswini.

Lungi:”Vala umnyango ungamemezi.”

Enze njalo bese usondela kuye

Noku:”Kungani ungafuni babone awukho kahle?”

Lungi:”Ngizizwa njengomuntu omubi sisi, uMduduzi ubulale ubaba wami mina ngila ngizethwele ingane yakhe. Umubonile umama unjani? Ubuhlungu buvukile angifuni kumuzwisa obunye ubuhlungu.”

Noku:”Ngiyazwisisa kepha kwamele uthole usizo.”

Anikine ikhanda uLungile

Noku:”Ngibiza uNtwenhleke okungenani.”

Angaphenduli sekumbambe kakhulu aphume eme emnyango abize uNtwenhle asondele anike uMlungisi uMpilwenhle. Makangena nje ahle abone, abone nalobumanzi phansi amutshele ukuthi akafuni bantu abadala bamubone, achaze. Bamulalise embhedeni amubheke uNtwenhle

Ntwenhle:”Usasekude ukufika umntwana kepha kwamele uye esibhedlela.”

Makezwa zithula izinhlungu ahle embhedeni abashiye lapho bemangale uSambulo akasekho.

Lungile:"Uphi uMduduzi kanti?"

Biyela:"Umyeni wakho uzotholakala."

Lungi:"Cha baba akusiye umyeni wami umbulali wababa, uphi umbulali kababami."

Ntwenhle:"Akumelanga uzibeke kuleso stress Lungi yehlisa umoya noma sihambe manje siye esbhedlela."

Kubekhona okokodayo azivulele umnyango ungakavulwa kungene usisi abangamazi ugqoke okumhlophe abamazi uhamba nowesilisa. Angene eme phakathi nendlu lowesilisa ugaxe isibhamu mude alapha kepha bayamufanisa yena.

"Susani letafula phakathi nendlu."

Bamubuke uNtombela alisuse owesilisa akhiphe amakhandlela awabeke phansi abe yindilinga, lo wesifazane abe phakathi kwawo ahlale 🧘.

"Ngithunyiwe kulomuzi MamBaloyi ngemvume yakho ngivumele ngibize ubaba wakwakho azoqeda yonke lento eyenzekayo."

MaBaloyi:"Uzomubiza njani?"

"Ngikwazi kukhuluma nabangasekho ubaba uze kimi wazongitshela okwenzelayo, uphi uThemba?"

Babukane asondele uThemba amoyizele owesifazane.

“Unguye avuka ubaba uBaloyi wayekubiza ngobabBaloyi, uthi ngikutshele imfihlo yenu nobabili mawuyizwa lemfihlo uzokholwa kuthi ngempela ngithunywe nguyena.”

Themba:”Ungaqhubeka.”

“Kunezingubo zamawakho owazishisa usengumfanyana ayezithanda kakhulu ubabakho wakufihlisa zona, nazicinga nithi siyothenga ezinye azange zatholakala. Umawakho wayezithanda kakhulu ngoba wayezithengelwe uyise wakhe asaphila. Ngenxa yalokho nazithulela nobaba kepha njalo makakhala umawakho afuna lezingubo zakhe nawe wawuzwa ubuhlungu, nginamanga?”

UThemba abheke umawakhe omangele abanye bayamoyizela avume ngekhanda.

Themba:”Uqinisile.”

Lowesifazane abheke umaBaloyi

“Ngingaliveza ikhehla?”

Avume umaBaloyi kepha uthukile uyazibuza kanti lezimanga zizophela nini, manje babone ibhubesi sekuza umuntu okhona kukhuluma nabangasekho.

“Akafuni kuvele azingenele uthi  angimucelele kuqala kubaba wekhaya akakwazi kuzingenela?”

Biyela:”Ngiyavuma ndodakazi.”

UMlungisi  noThemba balokhu babuka lowesilisa ohamba nalowesifazane ohlezi phakathi kwamakhandlela. Naye uyababona kepha akayingeni indaba yabo uziligadele lo wesifazane.

“Lungile noThemba ngenani phakathi kwalamakhandlela nifake umawenu phakathi.”

Abheke uLungile ahle abone kuthi kubi

“Shesha salukazi azofika sowuqedile.”

Ahluleke kuhlala phansi uLungile

“Ungema inkinga ayikho.”

Lungi:”UMduduzi uyamubona ukuphi?”

Bamubuke bonke aswabe

Lungi:”Ngiyaxolisa.”

Sewakhanyiswe wonke amakhandlela asho umkhuleko wakhe owesifazane ngokushesha nje kubenomoya ophephula lamakhandlela kepha angicishi. Kukhale nezitsha phakathi emakhabetheni. Amangale naye lowesifazane kanti uzolwa na ngoba lokhu akwenzayo uphawu lentukuthelo.

Asamangala ziwe izitsha emakhabethi ziphuke eziphukayo kube nomsindo ongazwisiseki kukhale nezingane avumbuke khona lapho bamubone bonke, uhudula uMduduzi ngesandla utshekise ikhanda uphuma igazi ngomlomo. Bathuke abazi noma uyaphila noma ufile. Abathalaze bonke amehlo akhe afike ahlale kuBiyela ubiphile ufana nendodana yakhe njengoba ibithukuthele.

Uvuza igazi elimnyama la adubukeka khona kunezimbobo futhi. Angawasusi amehlo kuBiyela naye agcine sekagwinya amathe angekho aphume emakhandleleni aqonde kuBiyela usamuhudula uMduduzi ngesandla afike eme phambi kwakhe.

“Baba awushongo kimi ukuthi uzolwa uthe ufuna kubahlanganisa, ungangenzi umuntu omubi.”

Aphenduke amubheke bese ubhekana noBiyela emehlweni…….

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 55🌼

KWABIYELA🌼

ULungile makabuka uMduduzi indlela alenga ngayo esandleni sikababakhe izinhlungu ziyanda, asuke uBaloyi kuBiyela abuyele kwindingiliza yamakhandlela abheke indodakazi yakhe. Intukuthelo ayisabonakali, abuye abuke indodana yakhe abheke nenkosikazi yakhe ephelelwe amagama. Aphakamise amehlo futhi abheke uBiyela.

Baloyi:"Amaphutha enziwa ubaba womuzi ehlela ezingane njalo, akukho okukhulula izingane ngaphandle kweqiniso. Ubusuku obubodwa bemfihlo budale yonke lento nguwena owenza ububi obuzale konke lokhu. Umfowenu wafaka isilwane sakhe ngoba asesikhundleni ukube azange ugxamalaze ngabe kukhulunywa enye indaba. Unamadodana aqhotho futhi unenhlanhla okuphila uwabone mina lutho namanje isikhathi enginaso sikaliwe."

Biyela:"Ngiyaxolisa Baloyi iphutha lami lonke leli."

Baloyi:"Nkosikazi ngiyabonga usebenzile izingane zami zikhulile."

MaBaloyi:"Nawe uhambe sezikhulile baba."

Ukhuluma ngephimbo eliqhaqhazelayo  uMduduzi usamubambile makabona amehlo kaLungile amubeke phansi.

Baloyi:"Ndodana angisekho kulomhlaba akukho ongakwenza okuzongibuyisa nguwena ubabBaloyi manje. Uvule amehlo ndodana wena kudala wahlakanipha muyeke usesi wakho

ajabule noBiyela wakhe. Igazi lami alikho ezandleni zakhe lisezandleni zesilwane esasikuye. Bebasebenzisa umzimba wakhe ndodana kepha akusiye umbulali."

Themba:"Baba usho ukuthi ingane kaLungile eyesilwane?"

Baloyi:"Inkani ngeke iphele la kuwe lesilwane besikuye  simenzisa ububi sigade igazi lakhe lasebukhosini. Sasimufaka inkanuko kuzokwanda igazi likaBiyela yena azolokhu adlondlobala ngokubabulala. Umzukulu wami lo umkhulu uyamuvakashela akasiso isilwane."

Themba:"Ngiyezwa baba."

Baloyi:"Ukahle manje uyazwisisa?"

Themba:"Ngiyazwisisa baba."

Baloyi:"Ngiyahamba manje iskhathi sesingiphelele."

MaBaloyi:"Uhambe kahle Baloyi."

Baloyi:"Usale kahle nkosikazi usale kahle."

Aye kuLungile amubheke amusule izinyembezi izandla zakhe zibanda qo amumoyizelele bese uthatha isandla sakhe sekunzima kakhulu kuLungile manje. Athathe nesikaMduduzi lapho phansi ababambanise yena, akhale uLungile nezikwiza zakhe zikhale kunye naye.

Baloyi:"Ungasabheki emuva ndodakazi ubaba uyakuthanda."

Asukume aphose amehlo akhe kuSphe ozishwathike ekhoneni le alule isandla sakhe, uSphe abheke uThemba amumoyizelele uThemba bese uyasondela amubambe ngesandla. Isandla sikaBaloyi siye esiswini saSphelelo aze acimeze kancane makavula amehlo athuke uSphe.

Baloyi:"Usesi wakho uBabalwa ungalinge umuvumele athinte umzukulu wami  nangelilodwa ilanga angasondeli kuwe."

Amangale uSphe kepha avume bese uyabafulathela uBaloyi abuyela kuMduduzi ahambise isandla ebusweni bakhe avule amehlo babhekane. Amandla awekho nje kuye.

Baloyi:"Uphinde uzame lamasimba obufuna ukuwenza uzobulawa yimina kuqala ungakazifeli."

Afulathele ahlikihle uNduduzo ekhanda aphele emhlweni abo, bonke kube khani badonsa imimoya yabo ngenxa yovalo. Aqoqe amakhandlela umnikazi wawo ahluleke ukuzibamba uLungile akhale izinhlungu aze azibambe okhalweni. Amubambe umawakhe

MaBaloyi:"Lungile."

Lungile:"Ingane ma iyeza."

MaBiyela:"Ukuthuka ngane yami yehlisa umoya."

MaBaloyi:"Yebo sesi yehlisa umoya."

Lungile:"Mama amanzi adabukile iyeza ngempela ingane."

Amubambe umawakhe bese ubheke umthandazeli.

MaBaloyi:"Ngane yami singaphuma manje kulegceke lamakhandlela?"

“Khululeka ma.”

UMduduzi azame kuphakama aze asizwe uMlungisi amubuke nje uThemba, masekamile ngezinyawo asondele kuye uNtombela, abuke akubukayo. Athuswe iphimbo likaLungile akazi nokuthi ukhala ngakuphi. Aqonde egunjini labo ngokuzincenga abekho kanti ungaphandle mlbayomufaka emotweni.

Lungile:”Mama wuuu wuuu wuuu wuuu ngeke ngifike MDUDUZI.”

MaBaloyi:”Ungaziqedi amandla ngokumemeza nawe igama elide kanje thani Mdu.”

MaBiyela:”Cha mawakhe ngeke afike lomuntu asibuyele emuva.”

Bajike naye uNtwenhle agijime ayolungisa akulungisayo.

Lungile:”Mina ngifuna ukuya esbhedlela mama ngimukise esbhedlela.”

Kugijima abesifazane  nje benoMduduzi uBiyela uyazishalazelela benoMlungisi basaba nokubheka okwenzekayo. UThemba yena uzwela usesi wakhe nje kungekho angakwenza futhi.

MaBaloyi:”Ngeke ufike esbhedlela Lungi yeka inkani.”

Lungi:”Ngizofika mama"

MaBaloyi:”Themba buya uzophakamisa usesi wakho umulalise la bazokukhomba khona.”

Eze amuphakamise uMduduzi akanawo amandla nje uyalandela uyalenga.

MaBaloyi:”Nendodana yakhe yavelela ekhaya nalo ingabe vele zeyisa kanje izingane zala?”

MaBiyela:”Ubabazo ngamutholela ekhaya.”

MaBaloyi:”Manje nizoshada isishada kanjani Lungile kusasa, mulalise kanje.”

Amulalise aphume uThemba kusale bomamakhe kanye noNtwenhle.

Ntwenhle:”Sisi ulimaza ingane hlukanisa imilenze.”

MaBiyela:”Hayiwena wamemeza kangaka ufuna bezwe manje ukuthi kwenzakalani.”

MaBaloyi:”Musa ukuthethisa ingane  nawe bonke bayazi,ivelaphi ingane ayiphumi emadlebeni.”

Lungile:”Ngifuna uMduduzi ma.”

MaBaloyi:”Yooooo uzokwenzani umyeni wakho ngoba naye akanawo amandla.”

Ahlanganise imilenze uLungile aphume ngokushesha uNtwenhle ayobiza uMduduzi, babukane lapho amubambe ngesandla. Bayakhala bobabili enze konke okushiwoyo uLungile umaBaloyi adonse isandla sikamaBiyela kuthi amukele ingane.

MaBaloyi:”UNduduzo wafikela ezandleni zami buya uzizwele kuthi kumnandi njani.”

MaBiyela:”Ngiyabonga kakhulu.”

Ngempela amamukele umzukulu wakhe bezwe seyikhala ingane nangale baxole masebezwa lephimbo layo. UBiyela athuke aze asukume.

MaBaloyi:"Ingane iyakhala nani futhi ayyy."

Bamulungise uLungile nengane uNtwenhle ashayele ambulance.

Ntwenhle:"Bhuti nawe kumele uye esbhedlela buya uzoshintsha lezimpahla."

Mduduzi:"Mama ngicela usicelele umfundisi wakho azosishadisa zikhona izindandatho kusasa ngeke kusabuyeleka emuva."

Bamubuke bonke abheke isthandwa sakhe avume ngekhanda uLungile, umawabo aphume abatshele umhlolo abafuna kuwenza ngale.

Bashayele umfundisi basalinde ambulance naye avume kuthi uyeza manje. Balungisane kufike ambulance kuqala kulandele umfundisi nenkosikazi yakhe sebamazisile isimo.

ULungile usembhedeni we ambulance uMduduzi ukomunye makungena umfundisi ehle asondele kuLungile.

Mfundisi:"Angikwazi lokhu okunje bantabami nizimisele vele?"

Mdu:"Sishadise mfundisi."

Lungile:"Sizimisele.,"

Akukho abangakwenza abantu abadala bavume lokhu okushiwo izithandani, uNtwenhle akafuni kusuka enganeni yabhuti wakhe. Bayihlola nje isezandleni zakhe uyalawula naye.

Mfundisi:”Ninazo izindandatho?”

Mdu:”Zikhona mfundisi.”

Mfundisi:”Sondela ndodana kakhulu.”

Asondele aze abambezele ngombhede akanawo amandla naye abakhulekele.

Mfundisi:”Nifuna kusho izifungo zenu noma nginifungise.”

Mdu:”Mina ngifuna kuzifungela.”

Mfundisi:”Mazize izindandatho.”

Kudala aziguduzile uMduduzi wazinika amadodana akhe, uNduduzo uphethe ekamawakhe uPhiwo uphethe ekayise. Asondele nabo uGabsile.

Mfundisi:”Ungaqhubeka Biyela.”

UMduduzi aqale abheke uThemba naye amubheke uSphe achwebe isthandwa sakhe size sicishe ukuya phambili kancane. Avume ngekhanda uThemba bajabule benze izifungo zabo bafakane nezindandatho. Nalabantu be ambulance sebabukile bachazekile bagibele baphushe uLungile ngombhede uMduduzi athi uzozihambela. Ingane isasekuNtwenhle ayinike uLungile bahambe njalo bese babuyela endlini nabo.

UNtwenhle sekakhumbula isithandwa sakhe manje ngoba abone lokhu bekwenzeka ufikelwa umzwangedwa omangazayo akakhoni nanokuhlala nabo manje.

Afike athathe ingane yakhe aqonde egunjini akekho omnakile ngoba basashaqekile bonke.

MaBaloyi:"Themba asambe kuzaze kuthiwe asishanele lobusafa obenziwe ubabakho, buya sambeni."

Bahleke bonke yena akahleki njalo baxoliselane uSphe aphume nomamezala wakhe asalele emuva uThemba.

Themba:"BabBiyela."

Biyela:"Ungaxolisi ndodana ngiyazwisisa."

Themba:"Benginesicelo baba."

Biyela:"Ngilalele."

Themba:"Konke sekume ngomumo le ekhaya izihlobo zibiziwe kuyashadwa, bengicela ukuqhubeka nengoduso yami kube kanye singamoshi amalungiselelo."

Biyela:"Awudingi nokuthi ucele ndodana."

Themba:"Ngicela ngoba ngifuna ukwazi izindleko ngifuna kuzikhokhela zonke."

Biyela:"Mina ngazi ukuthi  umshado wenziwa khabo makoti akukho engikukhokhele ndodana."

Mlu:"Abezenzela uMduduzi nami ngimsiza kepha qhubeka my authi."

Themba:"Ngifuna kuwukhokhela."

Ntombela:”Ndodana lomshado noma uhlelwe egameni likasesi wakho, abaphansi bebazi ukuthi owakho. Inkosikazi yakho ivikelwe ukube kumenyezelwe kuthi niyashada abengeke adabule ngoba ubumnyama obunamandla bulinde lolo suku.”

Athuke uThemba kanti kufunekani kuSphe wakhe.

Themba:”Ngenzenjani baba.”

Ntombela:”Qhubeka ingoduso yakho ihanjiswe ekuseni abakhaphi bayo izokwazi kuphuma ngengubo emhlophe emagcekeni akoMkhaliphi.”

Asukume uThemba noMlungisi asukume

Mlu:”Ndlovukazi asambe impintshi yami iyashada kusasa ngiyayiphelezela.”

Biyela:”Hawu kumele azikhethele abaphelezeli bakhe.”

Mlu:”Mina ngiyazikhetha ngangikhona phela aqala kubona lendoni yakhe.”

Baxhawulane

Ntombela:”Ngijika nani Baloyi kodwa umawakho ngiyamusaba hhayi lomfazi ubukhali.”

Themba:”Khululeka baba ngeke asho lutho.”

USambulo aqhamuke ngasegunjini sekakahle futhi bamuhlangabeze baxhawulane nabangani bakhe.

Mlu:”Izinto zijikile uyashada uThemba kusasa.”

Bamutshele okwenzekile

Sambulo:”Nami kuningi okumele nginixoxele kona kodwa okwamanje asiyoshadisa ishangane.”

Bavalelisane kahle

Mlu:”Baba nina anizi?”

Biyela:”UNtwenhle akekho kahle uyabona namanje akekho uzivalele nengane yakhe ngiyacabanga ukhumbule lomfana."

Mlu:”Uzobuya uScelo ngamutshela ithi ngiye kuye.”

Ngempela amufice alele kepha angazumekanga.

Mlu:”Nkosazana ukahle?”

Ntwenhle:”Ngikahle bhuti.”

Mlu:”Unciphile sesi sokhohliwe ngakutshela ukuthi uzobuya uScelo.”

Ntwenhle:”Bhuti sekundlule izinyanga eziyisithupha akafoni akanjani.”

Mlu:”Lenombolo owathi iyakufonela akakhulumi, isakufonela?”

Ntwenhle:”Isangifonela.”

Mlu:”Nguye lowo ngikholwe, makangabuyi ngizomlanda ngenduku.”

Ntwenhle:”Bhuti ngicela ungikhulumele nomama ngifuna kuya kamamMalukhu akafuni, yazi mangilapho ngibanconywana kanti noMpilo akakhali kakhulu.”

Mlu:”Paka iskhwama sakho ekuseni uvuke uhambe ngizokhuluma nabo.”

Amuhage

Ntwenhle:”Ngiyabonga bhuti nihambe kahle, mina angifuni kubukela umshado.”

Mlu:”Uziphathe kahle nawe lapho kamalukhu wakho.”

Aphume amucelele ngoba kukhuluma inkosana endala bavume kuthi bazomudedela bayogibela ezimotweni. USphe ahlale phambili noThemba umaBaloyi usemuva, kuvuleke umnyango kungene uNtombela amubheke umaBaloyi.

MaBaloyi:”Baba bathe imoto yakho leya kungani ungahambi ngayo?”

Ntombela:”Ahhh ayihambi ibanga elide wena wekunene.”

MaBaloyi:”Ohhh manje uzohlala nami yonke lendlela.”

Themba:”Mama ubabNtombela uyongisiza le ekhaya, uLungile akasashadi angithi manje kuzoshada ingane yakho enye.”

Ajabule umaBaloyi uSphe akezwa lutho ikhanda liphethene.

MaBaloyi:"Manje uzokusiza ngani lobaba uzonciphisa ilokwe lomshado kuthi lilingane umakoti wakho?."

Themba:"UNokubonga kukhona abaziyo mama hawu."

Ziphume sezilandelana uThemba ulokhu utshontsha isthandwa sakhe la endleleni."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWATSHABALALA🌼

BabThobela:"Sihlale kamnandi nawe ndodana ngikufisela okuhle kodwa."

Scelo:"Baba nami ngithole umndeni ebengingenawo ngibonga kakhulu."

BabThobela:"Masotholene nesithandwa sakho mfanami umulethe sizomubona, hawu izingane zasenkonzweni kaMandla sezikhale kangaka lutho ukuzibuka."

Mandla:"Ezinye zize zihambe ngathi ziyawa mazindlula ngakuye kodwa angazibheki."

Bahleke bonke

Jabu:"Asambeni ndoda kusakhanya."

Mandla:"Uyaphi?"

Jabu:”Ngiyamuphelezela sekangahamba yedwa ngathi abehlala namazimuzimu.”

Mandla:”Mkhovu unamanga ukhumbule lembiba yakini uSambulo.”

Bahleke

BabThobela:”Ndodana ithi ngikuphelezele nami uthi ufuna kufika ulobole nangu ubabakho uzokulobolela, balokhu bakubuka ngathi awunamndeni.”

Thabo:”Masiqeda emzini kumele uyosayindisa losesi wemawengane yakho lesahlukaniso ngoba uzokwala masakubona uyindoda uzimele kanje.”

Mandla:”Cha nami ngiyahambake.”

Jabu:”Esontweni?”

Mandla:”Angisiwumfundisi ononya phela mina ngiyabanika abanye ithuba bashumayele, ngicabanga ukunika ubabakho nje.”

Bahleke

Jabu:”Bobaba bayahamba balinde ngibashayele phela umama ufuna kuyobona usesi wakhe.”

UScelo sekagcwele umunyu naye mababanga kumuphelezela bonke elokhu ecwayiza kaningi evimba izinyembezi. Ujahe kubona isithandwa sakhe nengane yabo uze ubona ngathi bayamubambelela kuthi afike manje.

Balungise konke abakulungisayo bayogibela ematekisini abo bomama nabo abafuni kusala bonke bafuna kusibona lesithandwa esibusa enhliziweni kaScelo. Kanti futhi naye uScelo uzibizele ngobumnene nobuhlakani bakhe.

Umsebenzi wakhe esbhedlela uyancomeka ufunwa ngapha nangapha benoZuzmuzi sebakhe ubuhlobo obukhulu lobu.

Ashayele uThabo bafike balinde kwaThwala bagibele nabo, umsindo into abayijwayele.

Bonga:"Masijika sibuya nomakoti sikhona isikhala sakhe?"

Mandla:"Masingekho bazomugona labomama baningi."

Scelo:"Kanti ngiyabuya na?"

Thabo:"Ngeke sikushiye le ndoda ebakulomndeni bayazicacela wena ungowethu."

Amemeze uMandla

Mandla:"Haa wena wami wena wena ungowami angithi."

Badazuluke uhleko abaziyo kuthi kubuyaphi lokho abangazi bazithulele nje.

Mandla:"Awumushayele futhi sizwe lephimbo."

Amushayele uScelo afake kumbhobho lukhale kabili aluphakamise.

Ntwenhle:"Hellow."

Kuthuleke

Ntwenhle:"Scelo nguwena?"

……..

Ntwenhle:"Ngikukhumbulile ngicela ubuye ekhaya ungalokhu ungenza nje."

Adabuke uScelo aluvale

BabThobela:"Nina bafana nidlala kabi."

Jabu:"Isono lesi Thibos nyathela lapho."

Bonga:"Madoda kusho ukuthi sekuyosala mina ngedwa ngingnanamfazi."

Bamuhleke ngisho nabobaba

Thwala:"Ungakhathazeki ndodana uyeza owakho, masomubonile konke kuzovele kuqondane."

Bonga:"Ahhh ukhamisephi la akhona ngisokola kanje."

Bahleke futhi bahamba nomsindo wabo kwakhala ucingo,lukaJabu uSambulo amazise ukuthi sekushada uThemba kusasa. Abazise nabo kuthi uthini uSambulo.

Mandla:"Wuuuuu leshangane hayibo nayi imoto kaThobela akusiyo."

Bashayi ihutha nayo indlule iyomela le ehlike uMandla  aye kuyo ngempela nguye nenkosikazi yakhe, mababona umndeni uphelele bajikise imoto nabo balandele, afike ayipake egaraji bayongena etekisini uPhumelele ayongena etekisini yabomama.

Thabo:"Bhungane uzokhona kubona isthandwa sakho kusasa?"

Scelo:"Eyyy bhuti ngathi inhliziyo seyigxumagxuma kanje."

Thabo:"Umfowenu uyashada asiphelezele yena emva komshado bese uyolanda inkosikazi yakho, wena sijika nawe ngeke ngikushiye la."

Azihlekele uScelo baqhubeke ngohambo naye abone ukuthi sekuyahlwa vele kuyafana khabo Ntwenhle bebezofika ebusuku. Bafika khabo Themba bagcwala abantu abadala baziyela ehhotela bolinda khona. UThemba ufike washiya umawakhe noNtombela kusaphithiza ebaleni yena waqhubeka noSphe wakhe. Mabangena nje endlini aziphose kuye uSphe amuhage amangale nje uThemba.

Themba:"Kwenzenjani?"

Sphe:"Angikaze ngithuke kanje empilweni yami Themba ungaphinde uthukuthele kangaka."

Themba:"Ngiyaxolisa ngeke ngiphinde."

Sphe:"Ngisayigeza."

Themba:"Mana kukhona engifuna kukukhuluma nawe."

Sphe:"Yini leyo?"

Themba:"Umuzwile ubaba utheni?"

Sphe:"Akekho ozothinta umzukulu wakhe nami ngeke ngivume ngizohlala ngigadile."

Themba:”Uyakhula manje.”

Amuqabule

Themba:”Sthandwa sami ngicela sishade kusasa.”

Amangale uSphe aze azibambe esifubeni

Sphe:”Kahle Themba.”

Themba:”Asifuni kumosheke  sthamdwa sami lamalungiselelo akusasa kanti nathi kuyafana besizoshada ezinyangeni ezine ezizayo.”

Sphe:”Umndeni wami kumele ngibazise balungise nabo.”

Themba:”Khululeka wena uzoya kini kusasa entathakusa uzophelezelwa bomakoti bakaTshabalala bazokulungisa uphume ekhaya ngelokwe elimhlophe. Abazali bakho bazokwazi kahle bachazelwe nesimo.”

Sphe:”Wuuu uBabalwa kusasa uza emshadweni kaLungile, Themba wangidonsa ngendlebe ukuthi ufuna kuba yimpelesi yami masesishada.”

Themba:”Ngathini kuwe?”

Amoyizele

Sphe:”Themba uthemba wami, kulungileke wozala siyogeza ngiyalunywa.”

Afulathele ngejubane.

Themba:"Sowabanje Sphe?"

Kubekhona okokodayo ajike uSphe azomuvimba.

Sphe:"Ungavuli Themba ungakanginwayi mhlawumbe ubabomncane wakho ngeke asahamba."

Ahleke uThemba aze aphimisele

Themba:"Uyazi ngizokunwaya suka ngivule."

Umnyango uzivulekele kungene uSambulo noJabu abanye angasababoni uSphe avele ayosithela egunjini labo.

Themba:"Ndoda wazingenela kwami?"

Sambulo:"Ngikokodile wangasabela kanti awukhiyanga."

Bangene aphinde abhekane noyedwa naye amubuke.

Thabiso:"Mangabe nike nalwa asiyingeni nabukanga kangaka."

Thobela:"Eyyy bafo lomhlaba muncane ngempela, unjani mkhwenyane."

Themba:"Wona muncane, ngiyaphila, uphi uMandla."

Sambulo:"Wuuu ubonane nomawakho angazi kwenzakalani masimbiza wala wathi sekawubabomncane wakho."

Bahleke

Jabu:"UThabo unoMlungisi noScelo la ngaphandle, kusasa unabo baphelezeli?"

Themba:"Ngizabuza inkosikazi ifuna bangakhi bese nizozipesha, kodwa uSambulo noMlungisi ngibafuna phakathi."

USphe athathe ucingo lwakhe ngale egunjini ashayele usisi wakhe angalubambi aphinde futhi aluphakamise.

Babalwa:"Sphe akulalwa na?"

Sphe:"Sisi vuka uhlale ngezinqe kukhona engifuna kukutshela kona."

Babalwa:"Vele ukhulume ngisendodeni izathini sengihlala ngezinqe."

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI:LETHABO T🌼

ISIQEPHU 56🌼

KWATHEMBA🌼

Babalwa:"Khuluma Sphe ngilalele uyakushaya lomuntu wakho?"

Sphe:"Kahle akusikho lokho."

Angene uThemba avale umnyango akhiye athathe ucingo aluvale angabheki nokuthi,ukhuluma nobani alufake ekhikhini lakhe amuqabule. Ahleke uSphe

Sphe:"Baphi abangani bakho?"

Themba:"Bakhona inkosikazi yami ithe iyalunywa."

Sphe:"Haa ngeke ngenze lowo mhlolo indlu igcwele abantu angisalunywa."

Themba:"Uyangincisha?"

Ahleke futhi uSphe

Sphe:"No ngiyakubekela uzothola emva komshado."

Themba:"Ngiyakuthanda uyezwa."

Sphe:"Ngikhathazeke ngabazali bami."

Themba:"Bazokuphelezela ekuthatheni kokusa bazofike babazise, izinto zamashangane azimenyezwa."

Sphe:"Themba unamanga."

Themba:"Kumele sisho njalo phela ubabakho angezu kuthukuthela, awukatsheli muntu angithi?"

Sphe:"Bengithi ngitshela uBabalwa wase uyangena wena uyangipuca"

Themba:"Sphe ubaba makathi uBabalwa angasondeli esiswini kunesizathu salokho ngicela unciphise nokumethemba."

Sphe:"Angizwisisi."

Themba:"Okwamanje ngicela ungenzele lokhu ngizokuchazela masesisodwa. Ungadli lutho okubuya kuye, ungagqoki lutho ngisho amacici noma ngabe yini okubuya esandleni sakhe. Ngizokutshela konke kusasa."

Sphe:"Themba kahle bo."

Themba:"Ngathini kuwe konje?"

Amoyizele uSphe

Sphe:"Ngithembe uThemba wami, ngizomuthembake."

Amuqabule futhi

Sambulo:"Hayi hayi Themba namanje usagqoka ijezi."

Bahleke ngale naye ahleke

Themba:"Bayeza abakhaphi bakho bazokuhlalisa."

Sphe:"Nginabakhaphi?"

Themba:"Yebo maMkhaliphi ngiya ku randza."

Sphe:"BabBaloyi niya kurandza nami."

Asukume athathe ijezi

Sphe:"Uyaphi?"

Themba:"Angazi bangimukisaphi ngizokubona kusasa emshadweni wethu, uziphathe kahle."

Aphume naye asale sekazilungisa makezwa imoto iduma ngaphandle namaphimbo abo anyamalala aphume. Emva kwesikhashana nje kubekhona okokodayo akhumbule ukuthi unabakhaphi konje, aqonde emnyango uThemba ukhiyile wahamba nokhiye wakhe akhiphe owakhe avule.

Amangalele lezintokazi ezinhle nje ngathi zihlala kumabonakude, amehlo wakhe mawahlangana newaNomathemba amoyizele baze bahagane akhiye masebangene bonke.

“Unjani makoti sizokuhlalisa sikhuleke nawe, bese phakathi nobusuku singena indlela sikumukisa ekhaya.”

Amoyizele uSphe

Noma:”Lona uSizakele uzokwenza muhle ekhanda manje, lona uNosipho uAnti wezengane zethu naye uzokuphosholoza ube muhle, lona usisThobile uzokukhabela usathane.”

Bahleke naye uSphe

Noma:”Lona usisPhumelele."

Babhekane ahle abone uSphe ukuthi ilosesi obize ubabezala wakhe.

Noma:”Lona uAmandla anti naye lona uNtando ingane kabhuti omkhulu, abanye basehhotela sonke sizophelezela wena.”

Abheke phansi uSphe ayengezele nezinyembezi.

Sphe:”Ngiyabonga.”

Thobile:”Sesiwumndeni owodwa manje, asiqalenike.”

Bamukhulekele bese bamukhiphela amalokwe amathathu kuthi akhethe kuwo alinganise uThobile athi uzolilungisa ngoba likhudlwana. Ujabulile uNomathemba akakholwa lokhu okwenzekayo. Sekahlezi phansi akazi nokuthi uSizakele umenzani ekhanda lakhe, uNosipho

umatasa ngezinzipho zakhe. UNomathemba aphume abuye namapulastiki anezinto phakathi, bamemeze makangena nawo awabeke phakathi kwabo akhiphe into ahlala ayibona kumabonakude igqokwe abesifazane.

Thobile:"Yebo khetha umbala la kusasa kumele ube matasa kusetshenzwe."

Bahleke asukume uPhumelele awabeke kahle wonke elandelana lamalinjari avale amehlo uSphe ephathwa amahloni alempahla.

Sphe:"Ngizokugqoka kuphi lokhu ngoba kuyabonakalisa?"

Phumelele:"Uzokugqokela udaddy T emva komshado, buya Thobile uzomenzela."

Amandla:"Nakhu la engithanda khona nami ngiyeza, Ntando vala amehlo."

Nosipho:"Wena Ntando awuhambanga ngani nabogogo bakho?"

Ntando:"Kahle anti nami ngifuna kubona."

Asondele uThobile abeke izandla etafuleni abadansele ahleke uSphe aze aphazamise noSizakele ekhanda.

Sphe:"Ngeke ngikhone ukwenza lento eniyenzayo."

Nosi:"Futhi kumele ukwenze sogqoke lento."

Bamemeze futhi uPhumelele abeke unyawo etafuleni baqhubeke ngokudansa umhlolo bamusukumise naye bamukhombe agcine sekadansa naye.  Masebaqedile kumulungisa ikhanda nezinzipho bapake yonke into abazoyidinga emotweni.

Phumelele:”Ukushada amashangane kodwa manje siya nawe kini siyokuculela sikudansele bese siphinde sijika nawe futhi.”

Sphe:”Icebo ukuphuma ekhaya nelokwe elimhlophe.”

Noma:”Nami usuku lwami ngilukhumbula ngathi ngishade izolo lokhu.”

Thobile:”Asambeni mantombazane sizokwazi ukubuya sisebahle nomakoti wethu.”

Sphe:”Ngiyabonga kakhulu."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWASAMBULO🌼

BoSambulo bathathe uThemba baya naye efulethini likaSambulo nabo bamuphethe ngengevu bayahleka baxoxa  ngemishado yabo okwabathusa, nalokhu ebakuthandayo.

Thabiso:”Yabona mina isifundo engasifunda kabuhlungu ngeke ngiphinde futhi noma ngingahala kangakanani. Ungalinge ugangele inkosikazi yakho bafo, lokhu eniyokwenza kusasa nizobe nimema uMdali  emshadweni wenu futhi uzohlezi engenelela kuko konke.”

Thobela:”Kona kunjalo bafo abukho ubuhlakani ebufebeni ngoba ulanda izinkinga uzozifaka emshadweni. Ubufebe bumnandi mawusabufihlile kepha la ebuvela khona kuvele kucace ukuthi ubudla inyama ebolile sonke lesikhathi.”

Mandla:”Thobela uyazi na uke wafeba nje okokuqala, angithi uzwile uThabiso ukhuluma ngento ayaziyo ubufebe.”

Bahleke

Thabiso:"Wena Mandla ufuna ukuthi mina ngazi imfebo?”

Mandla:"Uzishelo wena ngomlomo wakho akekho okukhulumele uthe uyabazi ubufebe bunjani ngoba uyafeba.”

Jabu:”Mkhovu uyabheda wena, mina bafo engingakusho mufake ekhwapheni kuko konke ungavumeli ngisho umndeni wakho udlale ngaye. Uthandwa nguwena mabangamuthandi mubalekise nibe kude le.”

Mandla:”Haaaaaa umndeni wakho ibhoza bafo umawakho ngiyamuncaswa strong.”

Themba:”Ngiyabonga majida ngokungibonisa kwenu.”

Mandla:”Uneminyaka emingakhi Mthimbane?”

Themba:”Ufuna ukwenzani?”

Mandla:”Cha ngifuna ukwazi bafo ukuthi sikufake kuluphi iqembu ngoba mina ngihola iqembu lamajaha asasenamandla. Manje wena mangikubona nje ngathi uwelela ngale kubomzal'ntshebe ngaphesheya.”

Babheke la akhomba khona uThabo bayazidlela babhekene emehlweni benoMlungisi noScelo kanye noMuzi ngathi ijulile into abaxoxa ngayo abezwa nezinto ezishiwo uMandla ngale. Kuqhume uhleko ngegama labo mzalNtshebe.

Themba:”Mina vele ontanga bami labaya ngaphandle kwaScelo."

Mandla:"Kodwa inkosikazi yakho untanga wamakhosikazi wethu ndoda izinto enizenzayo."

Baphinde bahleke futhi baqhubeke nokudansa bazidlela abaziphuzelayo baphuza kunomsindo uqhuma phezulu. Bayadansa abanye kumnandi kunjeyaya bayahlekana isikhathi silokhu siyahamba njalo.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Balele vithi abazali bakaSphelelo kanye nabobhuti bakhe uBabalwa akekho usekukhenkeni kwakhe. Balele bayazi ukuthi bayavuka makusa nje bazoya emshadweni wasesi womyeni wengane yabo.

USmanga avuswe ukucula okumnandi angakaze akuzwe njengenkosana yasekhaya avuke ayobheka la kuqhamuka khona lomculo. Azithele phezu kwezintokazi eziningi akakhoni nokuzibona kahle kepha eyakubo inkosazana uyibona nje. Mabamubona oyedwa osekhulile asondele kuye amubize ngesandla

"Ndodana sicela usibizele umama."

Ajike aye endlini azithele kuThami  naye osophashanyiswe ilephimbo elimnandi kangaka bacula izingoma zomshado. Angene bayokokoda egunjini labazali babo nabo sebayagqoka ngoba bazwile umzwilili ngaphandle umaMkhaliphi waze walunguza efasteleni wabona ukuthi basesangweni labo.

Mkhaliphi:"Kusasebusuku nkosikazi hleze badukile ngizoya mina kuyobheka noma sebasizela ngobugebengu."

MaMkhaliphi:"Cha baba nangu uSmanga ekhuluma nabo sizozwa ngaye kuthi bafunani."

Akokode vele

Smanga:”Ma yimina.”

Mamkhaliphi:”Ngena ndodana.”

Angene

Smanga:”Kunabesifazane langaphandle bathi bacela wena ma.”

Mkhaliphi:”Angina nkosikazi mina ezodlala izigebengu ebsuku nje bafunani kuye, bazenza abaziculelayo kanti izimpisi ezikhumbeni zezimvu.”

Smanga:”Kukhona uSphe phakathi kwabo baba.”

Makezwa igama lendodakazi yakhe asukume vuthuthu uyise wabo aqonde emnyango.

MaMkhaliphi:”Mana baba bacela mina ngoba bangabafazi bonke.”

Smanga:”Ababonisi bungozi futhi baba khululeka naye uSphe uyahleka ujabulile, muhle futhi.”

Mkhaliphi:”Ohhhh imabuli yeso lami madoda, kulungile hamba nkosikazi kepha ngigadile ngizoma ekhoneni lendlu.”

MaMkhaliphi:”Ave unamahlaya sthandwa sami sithela ungaveli futhi.”

Aphume umama kaSphe makavela acishe agijimele kuye uSphe kepha amubambe uNosipho asondele futhi oyedwa.

“Sawubona mamMkhaliphi mina nginguNomahlubi lona uThobile sibuya kwaBaloyi siphelezele indodakazi yakho kuthi izogqokela ekhaya ngoba eqinisweni kusasa umgcagco wayo.”

Ahanjelwe amagama umaMkhaliphi avaleke nomlomo.

Nomahlubi:”Siyazi kuyamangaza vele mawakhe kepha indlela esenza ngayo awumenyezelwa umshado wenkosana yomndeni. Kwazi yona nabazali bayo kuphela sicela ukushweleza nganakhu.”

Afake isandla emabeleni akhiphe imvilophu amunike aphakamise nesandla behle nezipho eziningi nje ngisho uSphe akazazi.

MaMkhaliphi:”Ngisayocela ukhiyo wesango kubaba wala ekhaya kanye nemvume.”

Nomahlubi:”Siyabonga.”

Ngempela ajike umyeni wakhe usekhoneni lendlu vele namadodana akhe amubekele abeze ngako amunike nalokhu abazoshweleza ngako. Anike uSmanga amuvulele bangene endlini ahlahle amehlo uSmanga abhekise imvilophu kubaba wakhe naye athuke kodwa amoyizele.

Mkhaliphi:”Ewu nkosikazi imabuli yeso lami iphakathi komhlane nembeleko kulowa mndeni isamba esingaka semali phezu kwamalobolo.”

MaMkhaliphi:”Kukhona nezinye izipho baba.”

Mkhaliphi:”Bafana bami vulani wonke amasango bangene, nkosikazi mina ngizobuyela egunjini ngoba ngathi into yamakhosikazi lena, uphi uBabalwa azokusiza?”

Thami:"Ahhhh baba uyazi nje."

Mkhaliphi:"Khohlwa ngibuzile uzahlangana nengidi emnyango kusasa."

Bahambe bayobavulela amasango bangene uSphelelo ayoziphosa kuSmanga amuhage abuye ayohaga uThami.

Sma:"Hawu Sphe awuqedi kusimangaza."

Sphe:"Ubaba uphi?"

Thami:"Buya uzomuthola endlini."

Nosi:"Ningakhalisi umakoti wethu ngoba ngeke abukeke emshadweni wakhe."

Babhekane uSmanga uthathwe iphimbo manje sekamubukela duzane lomuntu bekacula azibambe esifubeni.

Smanga:"Ewu nkosazana kuyezwakala."

Afulathele uNosipho asale amubheka bayongena endlini ngengoma bomakhelwane emafasteleni bayalunguza phela izinkathi zabo2 ekuseni. Mabangena bahlale phansi uSphe ayohaga umawakhe okhaliswa injabulo izipho sezibekiwe zigcwele.

Kukhona mishini yokuwasha, izinto zokuhlobisa, microwave, ayina, izingubo ubala ini nani ongayicabanga. UmaMkhaliphi uthobekile nezinyembezi ziyaziphumela nje akazi athini.

MaThobile:”Siyazwisisa maMkhaliphi ungasho lutho thina sijabulela kwamukelwa sihamba nabantu abazophilisana nendodakazi yakho ngoba umyeni wakhe ephilisana nabayeni babo.”

MaThwala:”Kunjalo mawakhe wena nje naba wehlise umoya ubukele indodakazi yakho bayenza yinhle kakhulu emehlweni akho.”

MaMkhaliphi:”Ngicela ningigadele ingane yami Nkosi yami.”

MaThobile:”Ungakhathazeki izoba kahle.”

Sphe:”Mama uphi ubaba?”

MaThobile:”Weeeee oanti nawe uthanda ubaba njengomunye engimaziyo.”

Nosi:”Kahle ma usuqalile.”

MaThobile:”Awu vele maaan.”

Bahleke amukhombe egunjini labo aqonde khona uSphe akokode kanye avule kancane makangema ubabakhe uhlezi nje embhedeni ubukeka ajulile. Asukume uSphe ayozilahla kuye amuhage ubabakhe.

Sphe:”Ngiyaxolisa baba.”

Mkhaliphi:”Ngane yami ukube uyazi ngiziqhenya njani ngawe, wenza kwaba ngaphezulu kulokhu ebengikugadile kuwe, wena nomyeni wakho niyohlezi ninezibusiso zami. Noma senifuna kunginika abazukulu ubaba uyojabula aze anqamuke.”

Abheke phansi uSphe makezwa igama labazukulu azibambe esiswini amubone ubabakhe afunde kwezakhe kepha angasho lutho ngoba kuye akukaze kube lula kukhuluma ngezindaba ezinjalo nje nezingane zakhe.

Aphume sebamubiza ngale bafike baqhubeke ngokumulungisa ngapha bezixoxela umawakhe naye bamulungise nomoya sewehlile.

Sphe:”Mama ngifuna kubona umamMakhulukhulu.”

MaMkhaliphi:”Ulele manje mntanami.”

Sphe:”Ngiyafisa kumubona ma ngempela.”

Thobile:”Uhlala kude na?”

MaMkhaliphi:”Ungumakhelwane nje bajwayelene kakhulu naye.”

Smanga:”Ngingamulanda ma.”

Bamangale ngoba bazitshela ukuthi babodwa kanti uhlezi emnyango wasekhishini omubonisa ngasendlini yokudlela la abahlezi khona.

MaMkhaliphi:”Wena Smanga ufunani lapho?”

Smanga:”Nginigadile ma.”

MaMkhaliphi:”Ngeke akuvulele umaMakhulukhulu wena, noma kungaba uThami kuyafana.”

Smanga:”Ngingaphelezela intokazi eyodwake.”

Sphe:”Ngizomushayela.”

MaMkhaliphi:”Uzothusa umuntu omdala nawe kumushayela ebusuku nje.”

Nosi:”Ngingaya mina akunankinga.”

Avumele phezulu uSmanga

Smanga:”Ngizokuphelezela nkosazana.”

MaThobile:”Mfanami abazali bakho bayakuthanda thutha lapho owakhe khona.”

Bazihlekele ababonayo kwenzakalani noNosipho abone naye abuyele ahlale phansi kusukume uThobile benoPhumelele bathi bazohamba. USmanga angasayingeni eyokubaphelezela ahlale phansi naye.

MaMkhaliphi:”Baphelezele Thami.”

Ngempela baphume

Thami:”Umama lo esiya kuye akaboni emehlweni, uSphe abemunakekela usefana nomawakhe wesibili nje.”

Thobile:”Uzwakala anenhliziyo enhle usesi wakho.”

Thami:”Kakhulu nami ngifunde lukhulu kuye, sengibuyisa impilo yami nganeno nje.”

Phumelele:”Kumele ushadeke.”

Thami:”Ngizoshada masekuyisikhathi okwamanje ngiyazilungisa ngoba ngidlale kakhulu.”

Thobile:”Ngiyayithanda indlela ocabanga ngayo, nishiyana kangakanani ninoSphe?”

Thami:”Ngezinyanga ngoba manje sino21 sobabili kepha mina ngimuhlanganise kuqala.”

Phumelele:”Ubabakho akadlali.”

Thobile:”Hhayi Phume into ongayisho enganeni leyo hayisuka, manje ngob uthi uyazilungisa wenza ini?”

Thami:”Ngifuna kuqhubeka nokufunda ngoba ngashiya phakathi ekolishi.”

Thobile:”Ubufundani?”

Thami:”Bengifundela ubumeli.”

Thobile:”Uma uzimisele ngempela ngizokuxhumanisa nomyeni wami kanye nosisi wami omncane  nakimi, bangabameli uzoya ekudeni kabi, ufunde iminyaka emingakhi ekolishi?”

Thami:”Owodwa lo wesibili ngashiya phakathi nonyaka kepha ngaziphasa zonke izifundo zami kwisemester yokuqala."

Thobile:”Ubuhlakaniphile.”

Thami:”Blind sister blind.”

Akhiphe ucingo lwakhe.

Thobile:”Nginike inombolo yakho ngoba kungenzeka singasaxoxi kuzophithizela manje singakhohlwa. Ngiyayithanda indlela ocabanga ngayo mfanami iNkosi izokuphakamisa.”

Thami:”Ngiyabonga kakhulu, sesifikile.”

Bangene isango liyakhiwa vele avule uThami ngokhiye kamawakhe baqonde emnyango amemeze khona uThami achaze indaba. Uzwile naye becula waze wahlala ngezinqe embhedeni elalele lephimbo abavulele makezwa igama likaSphe. Bangene  bamuchazele okwenzakalayo

MaMakhulukhulu:”Bantami ngicela nizongicingela itshadlwana lami elinobuhlaza, phela ebusuku angikhoni kubona kwasithunzi esincane nje lesi.”

Thobile:”Kwenzakalani ma kuwe, ngiyaxolisa ngokubuza.”

MamMakhulukhulu:”Ngasha ngane yami angazi amehlo wase enza njani.”

Thobile:”Isithunzi uyazibona kodwa yize ungaboni umbala nokuthi umuntu unjani?”

Makhulukhulu:”Kancane futhi amalanga awafani ngelinye ilanga ngiyabona izithunzi kwelinye angiboni nhlobo, kepha kwenzeka isimanga ezinsukwini nje. Ingane yami enye ibize nendodakazi yayo esencane ngalubona losana yize bekuwuvithi nje kungacaci kahle kepha ngamubona.”

Thobile:”Lelo swane ingelosi yakho ma, ngizobona ngenzenjani ma uzokwazi ukubona ngokuphelele.”

Makhulukhulu:"Ngane yami kuyizindleko futhi angifuni kuthemba into engekho."

Thobile:"Mama mawungavelanga unjena lokho kuyakhomba ukuthi bekungasilo icebo likaMdali kuthi ungaboni, usathane nje ongenelele empilweni yakho. Kholwa ma emva komshado ngizobuya la, mangabe kwamele uye phesheya kuthi siyosusa lentuthu ela emehlweni akho lokho sizokwenza. Nali itshali lakho bhinca sambe ukulindile umakoti."

Makhulukhulu:"Nizongibuyisa futhi bantabami."

Phumelele:"Sizokubuyisa ma."

Makhulukhulu:"Vala Thamsanqa ungadli amakhekhe wami lapho ngiyakwazi wena."

Bahleke baziphumele noThami asale sekakhiya abalandele sebamushiyile, yena usacabanga lento ayithenjiswe usisi angamazi kepha uba nethemba. Bajike nomamMakhulukhulu amujabulele uSphe baxoxe bacule kubemnandi.

Masekagqokile aqedile uSphe bashuthe izithombe naye umamMakhulukhulu bamubuyisele kwakhe aphinde amuthembise uThobile kuthi uzobuya.

Bonke sebazilungisile manje ngisho nabazali bakaSphe nabobhuti bakhe uSmanga sekagqokile uyazitshela nje ukuthi lomzwilili uthathekile ngaye naye ngoba nakhu sekagqoke waconsa. Sekuqala ukukhanya manje ihora lesihlanu ekuseni.

Aqale iculo uNosipho bese uThobile ubahola ngomkhuleko, bakhuleke belokhu bethi bazoqeda kwale kuThobile noAmandla uqhubeke njalo umkhuleko bagcine sebavimba yonke imimoya emshadweni kaSphe.

Bakhuleke axole umama kaSphe adedele injabulo abone ukuthi ingane yakhe mayizophilisana nabantu abanje izokhula iqine emoyeni futhi.

Thobile:"Sphe akekho umngani onaye ofuna akuphelezele ngoba thina sesizihlohla nje?"

Bahleke

Sphe:"Ukhona yazi kodwa angicabangi uzokwazi ukuza ngoba nakhu konke sekwenzelwa phezulu."

Phumelele:"Mushayele sizomulanda makabalulekile kuwe."

Sphe:"Ngicela ucingo olwami angilwazi lukupho."

Bamunike ashayele inombolo kaNtwenhle.

Alubambe makezwa ukuthi uSphe

Ntwenhle:"Sphe ekuseni kangaka ingabe ukahle umamMalukuluku?"

Sphe:"Ukahle yimina engifuna kukwazisa ukuthi ngiyashada namuhla ngiyazi angikutshelanga ngesikhathi kepha ngicela ungiphelezele."

Amangale uNtwenhle bonke abantu bashada kangaka phambi kwakhe, ezwe ubuhlungu hhayi ngoba enomona kepha ezwe ekhumbula uScelo kakhulu.

Ntwenhle:"Yazi ngiyalungisa kuyimanje ngiza kwamama lapho angikho kahle Ntwenhle kakhulu ngeke ngikhone kukuphelezela."

Sphe:"Ngiyazwisisa."

Ntwenhle:"Ngicela ungishuthele izithombe ngizofana nokhona mawungisendela."

Sphe:"Ngizocela uThami ngiyasazi isimo ubekahle."

Ntwenhle:"Nawe ubekahle ngiyakuthanda mnganami."

Sphe:"Nami ngiyakuthanda."

Bavalelisane ubaba kaSphe asondele abambe indodakazi yakhe ngesandla baphume bamuculele sekamuhle enye into. Emuva kusele uThobile, Amandla nomama kaSphe baqhubeke ngokukhuleka futhi ngathi kukhona abakuzwayo.

Baze babashayele amahutha baphume mabaphuma nangu Babalwa wehla emotweni amehlo akhe ahlale kuSphe. Angakholwa usengubeni emhlophe qwa ngathi ithungelwe kuye iyamufanela avele agqame kubobo bonke nje.

Avevezele uBabalwa amubone nonina ukuthi manje ugaya izibozi, uAmandla asheshe ayoma phambi kwaSphe. Amoyizele uSphe kepha uBabalwa ahluleke kwakufihla izinyembezi zehle njalo, ongazi bazitshela ukuthi ukhaliswa injabulo kubona usesi wakhe omncane emuhle kanje, kanti yena ukhaliswa iminjonjo yenhliziyo.

Alule isandla uSphe akhumbule amazwi kayisezala kuthi angasondeli kusesi wakhe, abuye asehlise bamubambe bayomufaka emotweni kanokusho. Angasamubheki kwakumubheka usesi wakhe ngoba liphikelele iphimbo engqondweni yakhe.

Athule angasho lutho uBabalwa kungabibikho omunakayo ngisho bobhuti bakhe bashaye ingidi emzini wabababo bagibele emotweni kayise bangene indlela ziyapopoza izimoto kusekuseni nje, abamaziyo uSphe bomakhelwane nabo baphume ngamagown abo emibala ehlukile nemishanelo bazomukikizela, abanomona basale emafasteleni kanjalo bebabaza ukuthi abamenywanga.

Zithe zingasithela zonke izimoto waqhubeka ezwa umsindo uBabalwa wamahutha uya ngokuncipha uze uphele kuthuleke du nya.

Angene endlini avule ngesikhiyo sakhe amangale nangezinto ezigcwele indlu ezintsha, uyavevezela uyashunqa ngaphakathi akhiphe ucingo lwakhe ashayele unina omncane  owethwe ngegama lakhe futhi uzwana naye kakhulu.

Kuningi abakwenza emasithelweni kwaziwa yibona bobabili.

Babalwa:"Mamncane  kunento ebilokhu ingidla ngisaba kuyikhuluma kepha manje angisakhoni kuthula."

Ncane:"Yini leyo sesi uyazi,ungangitshela noma ngabe yini."

Babalwa:"Ngifuna lomuntu kaSphe ncane namuhla ngithi ngiyabuya ngiphambana nabo esangweni ugqokiswe ilokwe elimhlophe. Angifuni wenzeke lomshado. Bangifihlele futhi ngoba bengingazi lutho."

Ncane:"Usisi uyaqhubeka ngalento ayenza kudala manje uthatha injabulo yengane yami emlonyeni ngeke alunge impela, sekuyisikhathi sokuthi wazi iqiniso manje."

Babalwa:"Ukhuluma ngani manje ncane."

Ncane:"Cinga okuthile abekusebenzisa okunensila yakhe nje bese uza la kimi lowo mshado ngeke afike nakuwo. Makafikile lendoda yakhe ngeke imubone emuhle. Ngizokuhambisa komunye lapha ziyabuya shesha bangakalibophi ifindo."

Aye egunjini belisetshenziswa uSphe angatholi lutho, abuye ashayele uncane wakhe amutshele akukho lutho.

Ncane:"Ngiphe imizuzwana ngibuze lokhokhovula."

Ngempela alinde kungathathi sikhathi esingakanani amushayele futhi.

Ncane:"Ngane yami thola iveni ezokuletha la iza nombhede bekalala kuwo lomatilasi, usho njalo futhi makusetshenziswe lokho umuntu akalulami nhlobo."

Ngempela enze njalo ngoba wazi abantu abaningi angasokoli ngokuthola iveni bawuphakamisele umatilasi bangene indlela. Mabafika kwamamncane wakhe bawehlise bagibele kweyakhe iveni umamncane baqonde kwamthakathi, yena lo obalayele ukuthi abeze nomatilasi. Mabafika ahleke naye kabi nje.

Mthakathi:"Lomatilasi unokolo insila yakhe kuyacaca ukolo lokuya ezinsukwini zakhe noma ngabe kwakudala njani kepha kuzosebenza ngoba insila, hayibo nayi ingcebo nayi ingcebo boooo. Hheyi kumele bathi masebasho izifungo zabo ube ungena ukuma nje kwakho emnyamgo uzodideka lomlisa amushiye lapho. Izulu lizobalibi kuphephuke yonke into ngoba nayi ingcebo nayi ingcebo."

Ukhuluma uyamemeza abuye akhulume kancane elokhu ekhweza amahlombe ngokushesha. Ngemplea bawushiye umatilasi ahambe ayozilungisa agqoke abe muhle naye uncane wakhe athi uhamba  naye bazilungise bobabili.

Bahambe baze bafike sekusemini manje ngempela abantu sebabuthene bagcwele uSphe khani engena nobabakhe umubambile. Beme lapho ngaphandle abalinde uThemba asho izifungo zakhe. Liqale lithwase izulu nomoyana uqale futhi nabantu bahhumuzele ngoba nawu umoya esikhaleni nje, sebasindela ngoba basesontweni ngaphakathi.

Aqale ngezifungo zakhe uSphe masekuqala kukhuluma uThemba angene uBabalwa njengokusho kwalomthakathi vele alahle izandla zikaSphe uThemba abheke emnyango afulathele, uSphe abheke emnyango umangele ukuthi kwenzenjani manje. Kusasenaleso simangaliso kugxume oyedwa kubakhaphi bakaThemab kanye nomfundisi obashadisayo.

Mfundisi:"Yebo Somandla okuhlanganiswe nguwena kekho ozokuqhaqha, THEMBA."

Athuke uThemba makezwa umfundisi emubiza ngesankahlu esingaka akhuleke umfundisi kanye nalo ogxume yedwa phakathi kwabantu, sekukhulekwa ngezilima umile uBabalwa akawasusi amehlo wakhe kuThemba nezulu mabelokhu bekhuleka nalo liya ngokuthwasa kakhulu abone nje uyise kaSphe ukuthi uBabalwa kukhona akwenzile usezinyathelweni zikamawakhe. Lomoya omubi usekhona yize akhuliswe inkosikazi yakhe kahle futhi kuvele kufane ne......

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 57🌼

EMSHADWENI 🌼

Eme lapho emnyamgo enze njengokusho kwalenyanga yabo uBabalwa emehlweni kaThemba amubone emuhle ngendlela emangalisayo engagqokile futhi.

Imizwa imuthathe makabheka uSphelelo abone ukungcola angakwazi kuye, ebusweni ugcwele insila uze uyancinca uyanuka. Afulathele uThemba sekahehwa ilemizwa. Uvunguze umoya angakafiki nakuphi amumemeze umfundisi ngoba umangele phela.

Mfundisi:"THEMBA."

Aphenduke amehlo akhe asuke kwewaBabalwa isuke yonke lento beyimudonsa azibuke naye ukuthi umshiye njani uSphelelo wakhe, ajike asondele kuye.

Babalwa:"Batshele Themba ukuthi wenzani nami."

Makathi uyaphenduka agxume uMandla benoThabo ngesikhathi esisodwa abese ubheka kubo, amemeze uBabalwa.

Babalwa:"Lomshado ngiyawumisa ngoba lendoda le isoka lami uba matasa nami bese uya kudadewethu omncane, Sphe ngiyaxolisa ngane kama."

USphe  abheke uThemba ngokudideka abone umfowabo uSmanga aya kuBabalwa sekahle wehla izinyembezi uSphe athi uyasuka amubambe ngesandla.

Themba:"Mina angikwazi ukuncenga Sphe noma ngixolisele into engingayezi kukuwe ukuthi uthemba uThemba wakho noma ulalela usesi wakho okukudala uxwayiswa ngaye."

UThabo abheke emnyango aqonde khona azithele kumamncane kaBabalwa amudonse anganakile amufake endlini yesonto avale umnyango. UMandla ashaye ikhwela bathule abantu asebenza umsindo uBabalwa akaboni kuthi kwenzakalani uyaqhubeka uzama ukwenza uThemba amubheke azolingeka futhi.

Babalwa:"Kuyimanje leskhindi asigqokile wasithengelwa yimina Sphe."

MaMkhaliphi:"BABALWA."

Sekabheke phansi ubaba kaSphelelo ngoba ekhanda lakhe sekudlala yonke into ayenza inkosikazi yakhe ngenxa kadadewabo lo.

UJabu ayoma emnyango ovaliwe celeni kwaSmanga bathule nje babukele okwenzekayo.

Ncane:"Asambe Babalwa."

Babalwa:"Themba."

Aphinde uMandla ngekhwele manje sekayishayela embhobheni ngathi kukhona akubizayo abantu bavale izindlebe sebamangele.

Thabo:"Mamkhulu uwaphethe amanzi akho noma itonsi nje, yazi ezinye izinto azidingi uzikhulume."

MaButhelezi:"Nceku angiwaphethanga."

Thabo:"Inkinga ayikho awungiphinde lapho bafo."

Ayiphinde ikhwela uMandla ayijwayelekanga nhlobo le nangendlela ayidonsa ngayo bezwe sekuwa izitulo mababheka kuwa umamncane kaBabalwa.

Thabo:"Isikhathi siyahamba ngeke silokhu sikhulekela abantu abangafune mkhuleko, mina angizwani nemfihlo sisi khuluma ngingakakukhulumeli."

Babalwa:"Angizwani namahlanya mina ngize kuzothatha okungokwami Themba."

Sphe:"Ukhuluma ngani Themba uBabalwa."

Angamuphenduli  uThemba abheke uThabo oseshintshe wakhuleka nangezilimi waqala wahlehlela emva uBabalwa inzondo seyigcwele nje ebusweni.

Thabo:"Awukafuni kuzikhulumela?

Babalwa:"Wena Themba uzoshada ngifile ungowami."

MaBaloyi:"Hayibo nawu umhlolo weshangane lami."

Mandla:"Qaphela okukhipha ngomlomo wakho ngoba awuqambi manga."

Babalwa:"Uzozenza lezozifungo ngifile eyami lendoda."

Thabo:"Qhubeka mfundisi nangu sekazikhulumele."

Mfundisi:"Ingabe abashadayo basafuna kuqhubeka nalomshado?"

Ubuza ubheke ngakuSphe, avume uThemba abheke emuva usesi wakhe uSphe anikine ikhanda amubone ubabakhe asukume.

Mkhaliphi:"Uyashada Sphelelo namuhla uyangizwa?"

MaMkhaliphi:"Uyashada sesi ngivumelana nobabakho."

Babalwa:"Mama ungenza nje?"

USphe abheke umfundisi sekathukile uThemba

Sphe:"Ngiyaqhubeka mfundisi."

Mfundisi:"Ngicela usesi aphume ngoba uzophazamisa."

Babalwa:"Ngeke nikubone lokho Sphelelo lendoda yakho ngilala nayo ubsuku nemini."

Ajike uThabo abheke ngakuye uBabalwa.

Thabo:"Sonke lesikhathi asifuni kukufaka ehlazweni manje awufuni ukuzwa, lalela la ufike namuhla wabona usesi wakho kuthi uyashada wahamba waya kunyoko ngoba nenza ubuthakathi naye, wathwala umbhede kaSphe kuthi umyeni wakhe amubuke amunyanye baxabane.."

Mandla:"Sikhuluma nawe nje kuyimanje lombhede usele kulowo mthakathi, ukufake okuthile encuzeni maqondana nembobo ukuthi uThemba makakubona akuhalele."

Thabo:"Sikhuluma nawe nayo lendoda obulele kuyo nayo wayidlisa kuthi ikunike imali."

Mandla:"Sikhuluma nawe kuthi kuyimanje ayizwani nonina wayo ayondli nengane yayo ngenxa yakho."

Thabo:"Awuthi ngikubuze, ingabe uyazi ubaba wakho ukuthi kwayena umenzile ukuthi ahlale akupha imali makaqeda uyakhohlwa ukuthi uyenzeni lemali."

Mandla:"Awuthi ngibuze nami ingabe uyazi uSmanga ubhuti wakho omdala ukuthi umqedile ngoba ufuna imali nakuye akakhoni ukusebenza ayibone into ayisebenzelayo."

Thabo/Mandla:"Siqhubeke?"

Ahlehle uBabalwa sekavale nezindlebe abantu sebamubukile

Thabo:"Manje khipha lento oyifake lapho kuwe."

Mandla:"Ubhuti wami uyasaba ukusho ukuthi kuphi mina angisabi, faka isandla sakho encuzeni ukhiphe lento ngoba yiyona ezokubulala nalamazwi owakhiphile ngomlomo wakho."

Thabo:"Yebooo bazokwenza izifungo zabo manje wena uzofa uma ungakhiphi  lento elapho."

Mandla:"Encuzeni."

Bahleke abazalwane azame kufaka isandla abuye abe namahloni asisuse ngoba bonke sebamubukile.

Babalwa:"Baba ngiyaxolisa angifuni ukufa."

Aphaphame umamncane wakhe la awele khona usadiyazela uMandla asondele kuye.

Mandla:"Khipha lento esencuza yendodakazi yakho."

Ahlahle amehlo nje ngoba ingqondo ayikabuyi kahle.

Thabo:"Baba noSmanga senikhululekile kusukela namuhla."

Mandla:"Uzowubona umsebenzi wezandla zakho manje Smanga kodwa ngicela ubheke enye intombi ngoba le oyibhekile umyeni wakhe uyayishaya inhlamvu inhloko iyowela le."

Bagegetheke abaziyo ukuthi ukhuluma ngobani, uJabu akazi lutho akanake lutho futhi.

Thabo:"Bazali bakhe ningavula umnyango aziphumele yena ngoba akalufuni usizo."

Mkhaliphi:"Masimuvulela umnyango kuzokwenzakalani?"

Mandla:"Uzophuma bese uSphe usala wenza isifungo yena uzofa la emgwaqeni mabaqeda ngezifungo zabo ngoba uzisholo yena ngomlomo wakhe ukuthi bayofunga afile. Makangavuma kukhipha lento ekuye sizomukhulekela kuphume konke lokuhlanya, angazi noma basazobakahle benodadewabo."

Abheke indodakazi yakhe uMkhaliphi esebhacise ubuso  kuthi bangayibuki.

Mkhaliphi:"Ngenzenjani Babalwa uyingane yami ngiyakuthanda ngifuna uthole usizo unezingane futhi okumele uzikhulise, nami ngifuna ukuzwa ngawe."

Ncane:"Asambe wena ngane yami laba abakaze bakuthande yimina umawakho futhi yingakho bangazange bakutshele neqiniso, lo akakuzali wena uzalwa yimina  lo."

Athuke uBabalwa abheke umawakhe omkhulisile kanye noyise wakhe.

Babalwa:"Ma."

Asukume umaMkhaliphi asondele kuBabalwa amubheke.

MaMkhaliphi:"Kukhona yini usuku noma izinsuku ngakwenza wazizwa ukuthi angikuzali?"

Babalwa:"Cha ma."

MaMkhaliphi:"Kulungile manje ngicela ukhiphe lento oyifakile ngoba uzwile kuzokwenzekani, ubanjiwe ungasaqhubeki ngenkani."

Babalwa:"Ngiyaxolisa ma, ngicela ungixolisele nakuSmanga ngenziwa umona wokuthanda imali."

MaMkhaliphi:"Uyakuzwa ubhuti wakho, isikhathi siyahamba khipha lento."

Afake isandla wonke umuntu umubhekile aze asifake ngokugcwele ahlukanise nezinyawo akukhiphe akuwisele phansi. Amalahle amabili isandla sivele sibe munyama bhuqe, makakhipha uthule umoya, kuthi ngwe libalale futhi nalobumnyama besebuqala buhambe. Asondele uThabo amubambe ehlombe.

Thabo:"Ngingakukhulekela uzohlanzeka kahle?"

Avume ngekhanda sekayashalazela uyakhala manje.

Ncane:"Kahle wena usuzoshiya phansi ngenxa yabantu bakukhonile nje sewucela nemikhuleko ungaphinde ubuye kimi ukhale ngosizo ngoba lengane yakini isazokugabisela ngokuningi kanti eyakho lendoda."

Afulathele uncane wabo aqonde emnyango uThabo abheke uBabalwa emehlweni.

Thabo:"Khuluma nami."

Babalwa:"Angifuni ukufa mfundisi."

Thabo:"Ngizokususa lesiqalekiso ozibophe ngaso ngoba uthi awufuni ukufa."

Amubeke isandla amukhulekele uthe angaqeda aqonde emnyango eshalazela abheke uSphe makajika emnyango babhekane asheshe ashalazele aye kumamncane wakhe uyabila intukuthelo bezwe noma amuthethisa, baphume bayongena emotweni abeze ngayo bayizwe noma seyiduma iyophuma ngesango.

UThabo asale asusa lamalahlale asele phansi uSizakele bayothatha uSphe bayomulungisa kahle uThemba usamangele namanje. Aphume naye alandelwe uSambulo noMlungisi ushaqekile nje balokhu bemubhambatha ehlombe. Kuqhamuke uMkhaliphi naye unamahloni uyabonakala nangendlela ahamba ngayo nje. Amubone uThemba asukume amuhlangabeze.

Mkhaliphi:"Ndodana mkhwenyane ngiyaxolisa ngalehlazo elenziwa ingane yami, impela ngiswele nomgodi wokucasha angazi ngithini."

Themba:"Akukho okwenzile baba mina ngisaba ngathi uSphe akasafisi ukuqhubeka nomshado ngizwa uvalo lungishaya ngenye indlela makangala baba ngingafa nokufa."

Mkhaliphi:"Ukushiso yini lokho?"

Themba:"Ngibone indlela angibheke ngayo."

Mkhaliphi:"Umfazi uyagoqwa ndodana ngolwimi, iya kuye ukhulume naye kodwa angicabangi ukuthi angakwala iqiniso lizivelele kanje."

Themba:"Ngiyabonga baba."

Kuqhamuke uNosipho azobatshela ukuthi umkhwenyane akangene esontweni, amubuke futhi uSmanga athatheke, uJabu asondele naye abambe inkosikazi yakhe okhalweni akazi nokuthi kukhona obheka inkosikazi yakhe. Aswabe uSmanga ezwe nobuhlungu ngathi bebenobudlelwane benoNosipho, uyamazi uJJ vele ngeke asadlalela kuye. Mabafulathela uMandla asondele kuye.

Mandla:"Iso lakho lixoxa indaba ungakhathazeki ziyenzeka izinto ezinje, wena zimisele ngempilo owakho uzovela uzomuthanda futhi."

Smanga:"Angikaze ngibone owesimame onje noma angihehe kanje."

Mandla:"Phuza amanzi bafo ukhohlwe owakho uzovela solungise impilo yakho. Ngiyabona usesi wakho ukubhayizise kakhulu."

Smanga:"Ngiqale ngakuphi nje ngoba kumahliphihliphi kanje?"

Mandla:"Qala ngokunaka ingane yakho uchithe isikhathi esiningi nayo, uphume kulabangani uvuselele ishishini likababa."

Smanga:"Wazi kanjani ngeshishini lasekhaya?"

Mandla:”Ngiyazi futhi ukuthi lawiswa nguwena, kanti nobabakho naye uyazi. Qala kancane kancane ulivuse uzojabula kakhulu yazi injabulo yomzali ngenxa yengane yakhe ivula okuningi empilweni. Uyabona sinjani nabafowethu?”

Smanga:”Ngiyabona futhi niyahalisa niyathandana.”

Mandla:”Sonke siyahlonipha ophuma endlelni simubonisa sonke, kanti futhi asimuphakameli ubaba ngoba usasishaya namanje ngezibhakela phambi kwamakhosikazi ethu. Uhlezi ejabule ngathi yingakho okuningi kuvuleka. Angisho ukuthi mujabulise noma sekakuchaphaza ngoba bakhona abazali abachaphazanayo langaphandle, kepha ubabakho uyabonisa uyilenhlobo efana nobabami ofuna izingane zakhe zime kahle empilweni yinina enamuphoxa nje ikakhulukazi wena.”

Smanga:”Ngiyabonga kakhulu ndoda.”

Mandla:”Asibuyele phakathi,uzobona usesi wakho eshada.”

Babuyele babafice sebaqabulana uSphe usakhala baphume bayokwenza konke okwenziwayo, usuku luqhubeke kamnandi. Mabaqeda ukudla nje sebakhulumisa abantu umshado usaqhubeka asukume uScelo aqonde kubabThobela.

Scelo:”Baba sengifuna ukuhamba mina manje kukude la kuhlala khona lentokazi.”

BabThobela:”Hawu ndodana awufuni kulinda kuphele umshado nakhu kumnandi phela.”

Phela sekahlezi noButhelezi noThwala kanye noMkhaliphi baxoxa izindaba ezibajabulisayo zobusha babo.

Scelo:”Cha baba ngila emshadweni akusavumi kimi kepha ubaba angahlala yena.”

BabThobela:”Ngeke ngikuhambise wedwa ndodana ngikuthembisile, hamba uyotshela abafowenu.”

Ahambe aye kuMandla ubabThobela naye asale sekaqoqa okwakhe bamubuze abangazi abachazele ngesimo sikaScelo bamuzwele nabo abantu abadala.

Buthelezi:”Awuthi ngiyocela kunkosikazi makavuma nami ngizohamba nani.”

BabThobela:”Phela mawuhamba nathi wena komele wazi ukuthi indodana yami le wena uzoba ubabomncane.”

Bahleke

Mkhaliphi:”Ewuuu sengizoshiyeka ngedwa mina ngizoba umzala wakhoke ngisayocela nami kumama.”

Thwala:”Umshado wendodakazi yakho awukwazi kushiya phakathi.”

Mkhali:”Cha seyishadile ingane yami nganelile lento yokulokhu bamuncana lapha kuyangihlula kuyibuka vele, ngizavalelisa kubo nje kuqala.”

Bayaluke ahambe ayovalelisa uMkhaliphi kwindodakazi yakhe amuchazele ukuthi kukhona abayomsiza.

Themba:”Sekuzophela vele baba ungakhululeka.”

Abize uSmanga baphumele ngaphandle.

Mkhaliphi:”Inkosikazi yami ifike kahle ekhaya siyezwana.”

Smanga:”Kulungile baba.”

Thami:”Baba nawe usunabangani enigcwala iziganga nabo, niyaphi manje?”

Mkhaliphi:”Kukhona esiyokwenza.”

Sebamulindile uMkhaliphi etekisini nabadodana kaTshabalala sewagibelile manje bayezwa akukhuluma namadodana akhe.

Thami:”Baba unamanga niyobhema insango nje niyaphi kusho ukuthi ngifuze wena ngokubhema insango mawuqeda uyangishaya."

Bahleke nasetekisini ahambe ayogibela boThami babuyele phakathi abaqale uMandla endleleni ishosholoze njalo itekisi sebalobangise kwaBiyela. UMlungisi asale ashayela ubabakhe

Biyela:”Ndodana.”

Mlungisi:”Baba uScelo usendleleni uphi  uNtwenhle?”

Biyela:”Ngempela ngane yami hawu uzoke abekahle umntanami akekho uye kalomama angithi ucelelwe nguwena."

Mlu:”Uzozilandela yena uScelo mabafika engakabuyi.”

Biyela:”Uhamba nabani kanti?”

Mlu:”Ufike wazakhela umndeni ngala abuya khona manje bayamuphelezela.”

Biyela:"Wangithusake ndodana."

Mlu:"Lomfana uyayithanda indodakazi yakho wena nje biza bomalume ngoba ngathi kukhona angifihlela kona."

Biyela:"Okunje ngani?"

Mlu:"Uthe ngeke ajike yedwa ngiyamcabanga uzolobola akukho okunye bese ubuyela naye emuva la asebenza khona."

Bavalelisane aluvale

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

Biyela:"Nkosikazi isoka lendodana yakho liyabuya lisendleleni nje kuyimanje futhi kuzwakala ngathi lizolobola."

Athuke umaBiyela.

MaBiyela:"Hawu lezingane zinani kanti ngokuzenzela sekwalotsholwa nangamasuprise."

Biyela:"Ingane yethu ihluphekile emoyeni sonke lesikhathi lomfana engekho noma angathi uyamuthatha mina ngizovuma. Buka noNtombela ule emazweni."

MaBiyela:"Kanti ukube kukhona okubi eza nakho abezokushayela asuyeke kuthembela kuNtombela uNkulunkulu ukhona naye usihlengile."

Biyela:"Phithizake nkosikazi ngisayobiza abafowethu le eMgazini."

MaBiyela:"Baba bashayele ucingo umuntu okumele umbize noma umlande uNtwenhle."

Biyela:"Cha ngeke avume kusuka kulomawakhe thina sizoxoxa nalaba abezayo njengabantu abadala uzozilandela lomfana uNtwenhle."

MaBiyela:"Angikholwa baba ukuthi ujabule kangaka vele, wena ujabulele isoka lengane yakho."

Biyela:"Hayisuka usuyangibhedela manje ndlovukazi."

Bahleke baphambane endlini balungise abakulungisayo....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWA- MAM'MAKHULUKHULU🌼

UNtwenhle wafika ekuseni nendodakazi yakhe wafica umamMakhulukhulu ewashile ngomshini wayomunekela izimpahla. Wapheka futhi elokhu edlala noMpilwenhle umamakhe inhliziyo ibuhlungu nje abemuxoxela nangokushada kukaSphe.

Ma:"Ngane yami aweneme."

Ntwenhle:"Awuboni mama khawula ukukhuluma into ongayazi."

Ma:"Ungazikhohlisi wena ngiyawuzwa umoya wakho mawulokhu uwudonsa."

Ntwenhle:”Eyyy mama yazi izolo bekushada ubhuti wami inkosikazi yakhe iqeda kubeletha, manje sekuwuSphe ngizwa ngiba buhlungu ngikhumbula nobaba kaMpilo kakhulu.”

Ma:”Indaba yakho nalomfana ingizwisa ubuhlungu, kodwa sekahambe isikhathi eside kungani ungazami kumukhohlwa.”

Ntwenhle:”Ngeke ngikhone ma ngiyamuthanda,futhi ayyy ithi ngiqhubeke wena uzongihleka.”

Ma:”Ngikuhlekeni ngob uyazihlekisela nje.”

Ntwenhle:”Uyabonake ma.”

Ma:”Ngiyadlala ngane yami, ubusulala nalomfana yini ngoba ukhala kanje ngaye.”

Ntwenhle:”Angikaze ngilale naye phela mina ngiseyintombi ngasaba sase siyasoma.”

Ma:”Hayibo hayibo uyabona ukuthi uyihlongandlebe lengane wena, ungasuke ungitshele into enjena kodwa.”

Ahleke uNtwenhle.

Ntwenhle:”Hawu ma nguwena obuzile nje.”

Ma:”Lomfana ubalekele lokuqina kwakho.”

Ntwenhle:”Awuhaleli kuphuma namuhla uyodlela ngaphandle ke ushawe umoya.”

Ma:"Cha ugula impela uphekile wangimoshela ukudla upheka izishibo eziningi manje ufuna siyodla ngezimfologo, nami sengizokubalekela manje."

Bahleke futhi

Ntwe:"Wena ngeke ukhone kungibalekela ngizokulandela ngeke nje ngibalekelwe iwonke umuntu."

Ma:"Ngizohamba ebusuku kodwa ngizomukhumbula uMpilo kagogo."

Ntwe:"Ngeke ulunge ngathi sothanda yena ukundlula mina nje."

Ma:"Akaphaphi yena nje ngonina."

Ntwe:"Ma asihambeke siye epaki ngizopaka kona lokudla."

Ma:"Kulungile ngane yami asihambe vele nguwena ongizamayo ngokungishayisa ngomoya."

Balungise bahambe bahlale nakahle noma bafika epaki kwaMpilwenhle naye akafuni kusuka kumamMakhulukhulu. Kuthe maselihwalala uNtwenhle wabhalela umawakhe umlayezo ukuthi yena uyalala akabuyi.

Ntwenhle:"Ngiyalala ma ngizohamba kusasa."

Ma:"Eyy wena mntwana Biyela usubone lokudla okuphekile ukuthi kumnandi ufuna kukuqeda nje uhambe ngingenalutho."

Bahleke futhi abuyisele izinto emotweni uNtwenhle bahambe.

Ma:"Yazi ngane yami nguwena onginika injabulo kulempilo yesizungu engiyiphilayo."

Ntwe:"Unamanga ngoba awufuni kuthi ngishade umfana wakho makangavela."

Ma:"Hhayi vele angifuni wena uqinile umfanami uthambile, uphapha ngehigher grade."

Ntwe:"Mama uthi ngiyaphapha kodwa uyangithanda."

Ma:"Wena ungumphephisi wami uyingelosi futhi kimi soze ngakhohlwa nguwena ngizojika nasethuneni ngizokugada."

Ntwe:"Hhayi ma ethuneni lani ngeke ufe ungakayiboni indodana yakho uzobona, ngayibona mina ibaleka ukuthi ibisaphila kahle."

Ma:"Ngiyabonga ndodakazi."

Mabavelela ngasekhaya kume itekisi ngaphandle kwesango lakhabo Sphe kunabantu abaningi beme ngaphandle benza umsindo bayahleka. Amehlo akhe ahlale kulo itekisi abuye abone amanombolo walo ukuthi akusilo langapha.

Afake imoto egcekeni ehlike avulele umawakhe amusize ayomubeka emnyango bese ulanda ingane bangene. Aphume futhi sekathuthezela izimpahla masekayovala ibhuthi abone abesilisa abathathu esangweni ngaphandle.

"Dudlu sdudla awwwww ngavele ngahala mangikubona kwagijima igazi lehla ngamadolo lafika ezinyaweni lathola ukuthi kuyanuka lajika layocinga inhliziyo la engakhona"

Amubheke kabi uNtwenhle aqhubeke nakwenzayo.

“Hawu vele uzokwenza ngathi awungihaleli.”

Ntwe:”…….”

“Ahhhhh mapakisha, sdudla ngibheke phela ngiyazi uyangifuna bona.”

Bahleke laba anabo abafana adineke uNtwenhle abheke emuva amangale nje labantu abafanayo angabazi angaphenduli aqhubeke makafika ngasemnyango amemeze futhi lomfana omudinayo.

“Ahhhhhh dudlu onefiga igama lami uScelo wakamalukuluku.”

Aphenduke njengohlanya uNtwenhle amubhekisise akamazi ngempela, abone ukuthi mhlawumbe umuntu omaziyo udlala ngaye abuye abambe umnyango kuthi angene, kumemeze elinye iphimbo.

“ENHLE.”

Aphenduke futhi asibone isithandwa sakhe sihle ukundlula eqaleni, ugqoke ibhulukwe elimnyama nehembe elimnyama lona uligoqile ezingalweni lafika kwindosolwane. Ihembe lifakwe kahle phakathi kwebhulukwe, aphefumulele phezulu uNtwenhle abeke isandla emlonyeni zehle izinyembezi abambeke nezinyawo angakhoni kusondela.

“Uyakhala manje kanti bongichomela la.”

Scelo:”Ndoda kahle hawu, ngiyasaba ukungena sthandwa sami woza.”

Ntwenhle:”Angikhoni kuhamba woza.”

Abambe isango uScelo izulu liyafathaza kancane isandla esisodwa sisekhikhini ahamba hambe afike kuNtwenhle amuhage. Akhale uNtwenhle sekahogela nephunga elisha angalazi elimnandi futhi.

Ntwenhle:”Ubuyile?”

Scelo:”Ngibuyile ngakuthembisa nje.”

Bahagane futhi baqabulane eside isikhathi

“Hayibo kuzoze kuwe imilomo.”

Ntwenhle:”Ubani lomuntu ophapha kanje?”

Scelo:”UMandla ungamunaki iphi indodakazi yethu nkosikazi yami?”

Ntwenhle:”Usendlini uyazi kuze ungibize ngenkosikazi yakho kumele kube khona okwenzekayo.”

Scelo:”Uyangibona nje wena usungowami uBiyela unginike wena, uyinkosikazi yami ngokugcwele unguBhungane mashiya amahle njengenyamazane makhulukhulu mthimkhulu.”

Ahleke uNtwenhle

Ntwenhle:"Usho ukuthini?”

Scelo:”Sibuya kini ngikulobolile.”

Aziphose kuye baze bacishe ukuwa.

Scelo:"Ngifuna ukubona indodakazi yami."

Ntwenhle:"Ngiyakuthanda."

Scelo:"Yakuthanda nami kakhulu futhi usemuhle kodwa unciphile."

Ntwe:"Bengingekho kahle ngaphandle kwakho."

Kuvuleke umnyango baphose amehlo khona kuvele umamMakhulukhulu ubambezela obondeni ngezandla.

Ma:"Buya phela mawakhe ufuna kushintshwa."

UScelo ayeke uNtwenhle abheke lomama amubonayo abande amathumbu axege amadolo, phela wayesekhulile makahlukana nomawakhe umkhumbula kahle nje.

Scelo:"MAMA."

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

USIQEPHU 58🌼

KWAMAMMAKHULUKHULU🌼

Scelo:"MAMA."

Asondele kancane umawakhe atatazele aphuthaze ubonda ngokushesha manje ngathi sekayawushaya endaweni eyodwa izinyembezi ziyehla.

Ma:"Ntwenhle ubani lowo?"

Scelo:"Ohhhhh Nkosi yami bhut'Thabo angikholwa MAMA."

Basondele abaphelezeli bakhe mabamuzwa amemeza uScelo asondele naye kumawakhe osophuthaza ubonda endaweni eyodwa.

Uyalizwa lephimbo kuyabuya futhi mhla amubiza esebaleka ephesheya wamubuka waze wancipha emehlweni akhe umfanakhe. Ememeze njalo MAMA, MAMA MAMA, manje ubona leyonto emehlweni akhe angaboni.

Umangele uNtwenhle kuthi kwenzakalani akazi okumele akwenze igceke seligcwele abantu abafanayo ngokuphazima kweso angabazi.

Uphefumulela phezulu manje asondele aze afike kumawakhe amubambe lezandla eziphuthaza ubonda ahambise isandla sakhe ebusweni la ekunesibazi sokusha.

Scelo:”MAMA yimina uCelo wakho owamukhipha emlilweni wasindisa impilo yami, mama uyaphila wena. BhutThabo nginomama nangu umawami.”

Akhale uScelo njengengane encane kwamawakhe uyakhala uyalizwa iphimbo yize seliqinile manje. Amuphuthaze esifubeni, emahlombe, ebusweni ezwe nobumanzi bamehlo.

Ma:”Nguwena Bhungane ngempela? Ntwenhle ubani lo?”

UNtwenhle kube khathi enaka manje ukufana kwabo, akhumbule into engadleki uScelo ayehlala athi umawakhe wayeyithanda kabi, amaqanda awahlanganise notamatisi naye umamMakhulukhulu uyakuthanda. Abeke izandla esifubeni uyazizwa uphelelwa ngamandla aze ancike ngoMandla celeni kwakhe amubambe uMandla.

Amuhage umawakhe uScelo eside isikhathi nalezulu belifathaza kancane makangena line kakhulu. Bangene endlini uMandla sekabambe uNtwenhle eme emnyango angangeni alokhu abuke isthandwa sakhe nomawaso.

Scelo:”Asingene endlini ma sesimanzi.”

Amubambe ngesandla mabafika emnyango abuke uNtwenhle amunike isandla kuthi bangene bonke sebamanzi. Sekaze uyaqhaqhazela umawakhe.

Scelo:”Enhle ngicela uyomushintshisa izimpahla agqoke afuthumale, iphi ingane yami?”

OkwaMpilwenhle sekuyakhala nako ngathi uyabona akanakwa, uNtwenhle amubambe ngesandla umawabo baqonde egunjini lakhe. Elokhu ekhale njalo amufakele amanzi okugeza.

Ntwenhle:”Mama buya uzogeza uzofuthumala, ngizohamba ngiyokubasela.”

Ma:”Ntwenhle kwenzakalani kodwa ngane yami, yini le ongenza yona kanje?”

Ntwenhle:”Angazi nami ma, ungasakhali konke kuzosicacela masiqeda.”

Ma:”Kulungile ngane yami ngifake ebhavini ubuye uzongikhipha ngoba angilisebenzisi leli liyashelela.”

Ntwenhle:”Ngizobasa bese ngiyabuya ungaphumi ngingakafiki wena awuzwa ngiyakwazi.”

Amoyizele umntomdala ngapha kwehla izinyembezi, aphume uNtwenhle angakashintshi asagqoke izimpahla ezimanzi.

Scelo:”Awukashintshi kanti uzongenwa isifuba.”

Ntwenhle:”Ngizoshintsha manje ngizobasa umama azoqeda sekufuthumele.”

Bamubheke bonke

BabThobela:”Ndodakazi hamba uyoshintsha ngizokubasela mina.”

Mandla:”Hayibo,baba ukwazelaphi kubasa?”

BabThobela:”Nina senamoshwa ugesi kakhulu ngiyakwazi kubasa mina.”

Akhwiqe ihembe lakhe

BabThobela:”Ngikhombise zihlalaphi izinto zokubasa.”

Amukhombise ngokumxwaya uNtwenhle uyamusaba futhi  makaqeda afulathele athi,uyoshintsha naye athathe ingane.

Mandla:"Cha yiyeke sizoyibheka hamba nesthandwa sakho niyosoma, hayibo nalu ulwimi luphaphalaza hamba naye ayoshintsha lezimpahla ezimanzi."

Bahleke abantu uScelo azinikinele ikhanda ahambe uNtwenhle afise ngathi singamulandela isthamdwa sakhe kepha uyazi ngeke akwenze lokho ngoba unamahloni sidalo. Angene egunjini likamawabo usamulindile amukhiphe azisule uNtwenhle naye ahambe ayogeza ashintshe.

Aphume naye sebagqokile bafuthumala

Scelo:"Ngisalanda iskhwama sami etekisini ngizoshintsha nami."

Mandla:"Lisana lezulu uzobamanzi futhi ithi uThabo akunqamulele ibhlukwe lakhe ngoba liningi lona."

Baqhume ngohleko futhi amangale umawakhe ukuthi kanti kunabantu abangakanani endlini yakhe, uScelo abuye ayengezele izinyembezi makabona isimo sikamawakhe noNtwenhle. Uyabona kwenzakalani kepha usafuna incazelo bahlale phansi.

Amangale uNtwenhle makafica isitofu sivutha amangale aze amubheke lobaba. Bahlale phansi uScelo aphume kuyolanda iskhwama sakhe abuye ashintshe azohlala celeni kwamawakhe amubambe ngesandla.

Scelo:"Ma kwenzakalani?"

Ma:"Iphimbo lakho seliqinile ndodana Ntwenhle yazi angikholwa namanje ingabe indodana yami le?"

Ntwenhle:"Niyafana ma."

Ma:”Ubuyaphi ndodana angikaze ngililahle ithemba bengihlezi ngikhuleka kuthi ngingafi ngingakakuboni. Noma ngingaboni manje anginankinga sengisibambile isandla sakho.”

Scelo:”Uzoluthola usizo ma azovuleka amehlo akho."

BabThobela:”Unjani make Bhungane?”

Ma:”Ngiyaphila ndodana.”

BabThobela:”Cha angisiyo indodana kepha kugcwele wona mina ngiyikhehla, indodana yakho sihlale nayo cha unengane enobuntu impela.”

Ma:”Kwakudala abenje.”

Thabo:”Ma mina ngifuna ukwazi ukuthi kwenzakalani phakathi kwakho no.”

Akhombe uNtwenhle sekakhohlwe igama lakhe.

Mandla:”UNtwenhle.”

Thabo:”Eya ma umazelaphi uNtwenhle."

Amoyizele umama Scelo

Ma:”Wangisindisa ezigebengwini zenkosi ezasishisela umuzi sinendodana yami sakhona ukuphuma. Mina ngazibona ukuthi,ngizoba umthwalo ngakhalela ingane yami ukuthi izisindise yona ngoba isenempilo. Masekahamba buqamamana waqhamuka uNtwenhle wangibalekisa lapho.”

Thabo:"Yooo okusho ukuthi wamubona uScelo ebaleka?"

Ntwenhle:"Yebo ngamubona kepha ngingabuboni ubuso bakhe ngazibonela umfana nje wayesekude."

Ma:"Wangithatha kusukela lapho abenginakekela kuze kube yinamuhla, ingihlengile lengane."

UScelo ushaqekile abuke uNtwenhle aphelelwe amagama angazi athini kuye, azibambe nezinyembezi.

Bahlale sekumnandi bahlaliswe nawukufuthumala kwesitofu samalahle kamnandi.

Scelo:"Angazi ngithini mama ngijabulile kakhulu

Ma:"Nami angazi ngithini ngempela ngane yami."

Scelo:"Mama namuhla bengilobola."

Ma:"Hawu ndodana wangibingelela ngalezi nje."

Scelo:"Yebo ma besekufike isikhathi lentokazi ngiyithandile kanti inakekela umawami angazi ngithini ma."

Kube khani lento ifika igcwaliseka emgqondweni wakhe ukuthi uNtwenhle abenganakile kangako.

Ma:"Hawu Nkosi yokulunga engcwele Ntwenhle ngane yami."

Scelo:”Yebo ma wangidobha uNtwenhle ngingenalutho.”

Ma:”Kanti wadobha nomawakho, mana mana mana Celooooo lona ungumzukulu wami ngokweqiniso?”

Scelo:”Yebo ma.”

Abuye amuhage injabulo

Ma:”Sondela la Ntwenhle.”

Asondele naye ahlale kunye nabo amubambe ngesandla umaScelo.

Ma:”Ngithini kuwe masongininde wangininda ngenjabulo kangaka kodwa, yonke leminyaka Ntwenhle.”

Ntwenhle:”Ma nami anginawo amazwi.”

Amuhage basukume bavalelise boTshabalala aphume nabo uScelo akazi athini noma enzeni nje.

BabThobela:”Mfanami kumele uyishade lengane uyinike umshado wendumezulu ongakaze ubonwe mina angiyazi into enje.”

Thabo:”Nami angiyazi kunesandla sikaNkulunkulu ekuhlanganeni kwenu.”

Mandla:”Nami ngize ngiphelelwe amagama ebhokisini lawo ngenxa yokuhlangana kwenu, iNkosi ibe nawe bafo.”

Bahagane abanye bamuxhawule bagibele etekisini labo ababhekile.

Jabu:”Usucabangile ukuthi uzokwenzenjani ngomsebenzi isibhedlela sikhuliswe uwena noZuzmuzi buya ndoda.”

Scelo:”Umndeni usukhulile manje mangithutha kuzomele ngihlele kahle kanti futhi angiboni ngishiya umama la.”

Mandla:”Shesha ucabange akekho umuntu ozosikhulumela nezinja masekubheda la.”

Bahleke

Thabo:”Usale neNkosi izobonana unganyamalali.”

Scelo:”Ngeke ngiyathembisa ngiyabonga futhi ngosizo eningiphe lona.”

Thabo:”Ungahlali isikhathi eside uhambise lawo maphepha kulosesi waNomthandazo owakushada ngobugebengu ngoba kuzokuvalela lokho.”

Scelo:”Kusasa ngiyovukela khona.”

Bahambe kanjalo asale ezungeza igceke leli abone umsebenzi kaNtwenhle nomndeni wakhe abawenzele umawakhe, masekadelile abuyeke endlini abafice basankemile abakhulumi kunomsindo kaMpilwenhle nje wokudlala.

Ma:”Zingane zami namuhla ngijabule akuchazeki kumele ngiyoxoxela umaMkhaliphi nguyena owayenokungikhulekisa kuthi siphinde sihlangane.”

Scelo:”Usunabangani la?”

Ma:”Hawu ikhaya lami phela leli, Ntwenhle.”

Ntwenhle:”Ma.”

Ma:”Sonke lesikhathi ungixoxela ngendodana yami kanti.”

Scelo:”Hawu benixoxa nangezindaba zamasoka, Ntwenhle uyaphapha ngempela.”

Ma:”Awumazi izinto angixoxela zona, kodwa ngiyamuthanda umakoti wami.”

Ntwenhle:”Usuyavuma manje.”

Ma:”Angithi nangu nomuntu bengimubhekile usesuke washada esikhaleni nje.”

Ntwenhle:”Hawu ma ubumuthandela uSphe?”

Ma:”Angithi yena uzithulele njengaye.”

Ntwenhle:”Mama.”

Bazihlekele uScelo abukele nje amoyizele uyabona kudala banobuhlobo yena anganabo ngomawakhe kepha kumunika ukuthula. Baxoxe ngakokonke andlule kuko kepha eyobudokotela angayiphathi neze.

Kukhale ucingo lukaNtwenhle usesi wakhe uGabsile aluphendule aye egunjini lakhe nalo. Amubuke uScelo afise kumulandela abe nezinhloni nje ngomawakhe.

Ma:"Ndodana kuningi okumele sikuxoxe nakusasa sizokhuluma hamba uyophumula."

Scelo:"Kusasa ngizovuka ngovivi ngiye khabo mama kaMpilwenhle ngiyolungisa okuthile."

Ma:"Yini,leyo oyoyilungisa?"

Scelo:"Into encane nje ma ngizoshesha ukubuya."

Ma:"Ungazimosheli kuNtwenhle ngane yami kwamele yini uye kulowo muzi?"

Scelo:"Kwamele ma mangingayi kuzomosheka okuningi, mangabe umama uyakwazi kusala yedwa ngizohamba naye uNtwenhle."

Ma:"Ngihlala ngedwa vele ngeke ngihlulwe usuku olulodwa."

Scelo:"Uyamucabanga ubaba nosesi?"

Ma:"Ngangihlala ngibaphupha nokuthi asibancwabanga kahle yikona okwenza ngihlale ngibacabanga ndodana."

Scelo:"Ngaze ngafisa ukuthi kube nabo baphila."

Ma:"Ubaba wakho ngamubona athula abasekho nhlobo bona, manje ndodana wenza msebenzi,muni unuka kamnandi kangaka nje unephunga elidulayo."

Ahleke uScelo

Scelo:”Elinjani lelo kodwa ma.”

Ma:”Elibiza imali ngaze ngafisa kukubona ndodana ngize ngijahe lo bekeze emshadweni lapha kaMkhaliphi uthe ungudokotela washiya nenombolo yakhe.”

Scelo:”Sizomushayela ma.”

Ma:”Ithi ngiyophumula manje.”

Scelo:”Sukuma ngikuphelezele.”

Ma:”Hawu khohlwa ngiyayazi indlela wena hamba uyobheka uNtwenhle ukuthi ukahle na ngoba nakhu akasabuyi.”

Scelo:”Uyolala ungadlile?”

Ma:”Wuuuu ngabe senginomhobholo phela ungiphakele ngasutha unaBiyela.”

Asukume ngempela azihambele amubuke umawakhe uScelo akakholwa namanje angene egunjini lakhe, emva kwesikhashana masekucima ahambe naye ayobheka la kungene khona uNtwenhle amufice asakhuluma ngocingo. Makangena abhekise amehlo phansi.

Ntwenhle:”Sizoxoxa kusasa Gabi ukhumbule ukuthi ugcinephi.”

…………

Ntwenhle:”Kulungile sisi zokubona mawuya ngiyakuthanda.”

Aluvale uScelo sekangenile ume emnyango ulinde aqede babukane uScelo abuye avule izandla zakhe asukume ayoziphosa kuye futhi uNtwenhle babambane lapho.

Scelo:"Ngihlala ngizwa ngobumnene benhliziyo kepha lobu bakho angibazi ngiswele amazwi okubonga sthandwa sami. Wena ungubambo lwami, uyiqhawekazi lami, ngiyayibonga iNkosi ngawe.

Ngizohlala ngidumisa ngisho umhlabathi owunyathela ngezinyawo zakho. Ngeke ukhaliswe ukuhlushwa yindoda yakho kepha uyokhaliswa uthando engizohlala ngikunika lona. Namuhla ungingene ekujuleni kwenhliziyo yami wathinta ebengingazi kuthi kukhona, ngiyakuthanda Biyela."

Angamuphenduli uNtwenhle aqhubeke alalele ukushaya kwenhliziyo yakhe ngoba abeke indlebe nje esifubeni sakhe. Amubambe ngesandla bahlale phezu kombhede uMpilwenhle sekalele lapho, amubuke emhlweni.

Scelo:"Kuthiwani vele makunje kuthiwani umuntu sekakusize kangaka."

Ntwenhle:"Ukubakhona kwakho yikhona engikudingayo ungibonge ngakho, Scelo angisafuni ukuba kude nawe angisafuni mangabe usazohamba ngihamba nawe futhi nje ungazami nokungikhuza ngoba ngeke ngilalele."

Amoyizele uScelo

Scelo:"Nami angizimisele kuhamba ngikushiye lezinyanga bezifana nesihogo kimi."

Ntwenhle:"Ubungangishayeli ngani kodwa ngoba inombolo yami uyayazi kanti ukhohlwe nocingo?"

Scelo:"Bengibona ukuthi ngizophosa ithawula ngijahe kubuya kuwe."

Babuye bahagane manje amubambe amuqinise uScelo aze azizwe ukuthi uyasifisa isthandwa sakhe manje. Uyasifuna imizwa ebihlala imufikela makasicabanga isthandwa sakhe azibambe aqhubeke nokusebenza.

Nayi manje isibuyile lemizwa kodwa umehluko manje ukuthi sikhona duze naye futhi usibambile, akafuni ukuzibamba kulokhu.

Amuqabule noNtwenhle angaxwayi baqabulane eside isikhathi lesi aze abone uNtwenhle ukuthi uyaqhubeka lomuntu indlela asemubamba ngayo, amususe isandla kancane.

Ntwenhle:"Asikwazi hhayi la."

Scelo:"Ngobani?"

Ntwenhle:"Ngiyakucela sihloniphe umama nomuzi wakhe."

Bakhulumela phansi basabambene babukene eduzane ngoba uScelo ubeke isiphongo sakhe kwesikaNtwenhle. Ukuphefumula kwakhe kuyazwakala uNtwenhle usethathwa nayiphunga laloswidi aluthandayo lemint olusemlonyeni kuScelo.

Scelo:"Sonke lesikhathi bengihlala ngikucabanga usezingalweni zami ungivumela ngibe nawe kepha bengizibamba, manje ngoba uduze nami ula Enhle wami ula angifuni ukuzibamba ngempela."

Ntwenhle:"Nami angifuni kuzibamba eqinisweni sthandwa sami, imizwa yami ingihlule ngisakubona kodwa."

Amubeke umunwe emlonyeni kuthi angasaqhubeki

Scelo:"UScelo wakho uyakufisa manje ngicela ungacabangi asibe ilezingane ezingezwa namuhla kuphela, angikholwa uzozwa uma igumbi lakhe lisekudeni kanti nathi sibadala ngeke senze umsindo onganasdingo."

Ntwenhle:”Uliphethe ijazi lomkhwenyane?”

Scelo:”Eish cha angicabanganga nje ngalo.”

Ntwenhle:”Asikwazi sthandwa sami izinsuku ziseningi sindawonye futhi la angikhululekanga nhlobo futhi ngisemalangeni ami.”

Scelo:”Kulungile maBhungane."

Ntwenhle:”Uyangithukuthelela?”

Scelo:”Ngiswabile yebo ngoba ngizifisa kuwe manje kepha angithukuthelanga khumula silale.”

Ntwenhle:”Awulambanga?”

Scelo:”Ngizodla ekuseni phumula sthandwa sami.”

Ngempela akhumule agqoke inightdress amubuke futhi usalangazelela kepha uyazi ngeke kwenzeke lutho.

Ntwenhle:”Hamba uyolala kwelinye igumbi.”

Scelo:”Ngobani?”

Ntwenhle:”Hayibo umuzi womuntu omdala lo.”

Scelo:”Ithi ngikugone kancane ngizovuka masengizwa ubuthongo,bungibamba.”

Ntwenhle:”Kulungile  sthandwa sami"

Naye akhumule asale ngeundwrwear yakhe acishe ugesi uNtwenhle alalise uMpilo kahle kuthi abephakathi kwabo.

Scelo:”Ungaqali ndoda hawu mulalise eceleni.”

Ntwenhle:”Hayibo useyaphenduka phela uzokuwa."

Scelo:”Akaye embhedeni wakhe nawu angithi mina ngifuna kubamba isthandwa sami.”

Amususe kahle kuthi angavuki bangene engubeni amusondeze kuye uScelo kakhulu.

Scelo:”Kodwa sthandwa sami.”

Ntwenhle:”Yekela ukuhala nawe hawu uyazi uzothola masengiqedile sengihle ngivumile."

Baphinde baqabulane bese bayaxoxa baze bazumeke nakuye akayiphathi eyobudokotela....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHAKI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 59🌼

ESIBHEDLELA🌼

ULungile nomyeni wakhe bayaphuma namuhla esibhedlela nengane yabo ikahle ikhula kahle futhi.

Mdu:"Soqedile?"

Lungi:"Sesiqedile myeni  wami wena ukahle?"

Mdu:"Ngikahle sthandwa sami mulethe la kunini akumunca."

Lungi:"Ukudla kwakhe nje ngifuna akhule kahle mina njengobhuti wakhe uzoqina, sizohamba kanjani?"

Mdu:"Ngishayele uma angazi sizolandwa ubani."

Aqhubeke nakwenzayo uLungi amubuke uMdu acabange yonke lento edlala emqondweni wakhe m, ngokubulala ubaba wesithandwa sakhe abuye asidlwengule naso. Uyazibuza ukuthi ingabe manje usamubuka njengaseqaleni na.

Lungi:"Ukahle?"

Mdu:”Ngiyaxolisa mama kaNduduzo nginamahloni mangicabanga lento engayenza.”

Lungi:”Kona kwakubuhlungu ukundlula kulesimo sokudlwengulwa, kepha manje ngoba sekwambuliwe akusafani naseqaleni.”

Mdu:”Usho ukuthini?”

Lungi:”Uyazi bengihlala ngithukile ukuthi uzobanjani kuNduduzo masoneyakho ingane nami.”

Mdu:”Ngamanye amagama uthi ngenza kahle?”

Lungi:”Cha kodwa ngiyajabula ubuntombi bami bathathwa umyeni wami, lokho ngizokuthatha ngathi ngakunika ngemvume.”

Mdu:”Udokotela uqinsile makathi kumele sibone umaluleki sobabili, Lungile angifuni kulahlekelwa nguwe ngiyakuthanda kakhulu futhi.”

Lungi:”Zixolele myeni wami nami ngikuxolele.”

Aqede kulungisa izimpahla ayohaga umyeni wakhe bahlale lapho bebuke ingane yabo ilele.

Mdu:”Intombazane kababa le.”

Lungi:”Akazalwa yedwa ungakhohlwa futhi.”

Mdu:”Ngeke ngikhohlwe ngiyawathanda amadodana ami ngiyathemba azikho ezinye izingane ezenziwa yilesilwane.”

Lungi:”Angikholwa kube sewukhumbulile angithi konke kuyakubuyela owakwenza.”

Mdu:”Zinjani izinhlungu?”

Lungi:”Ngipholile.”

Amoyizele uMdu

Mdu:”Ngempela?”

Lungi:”Cha babakhe usazolinda mangabe ubuzela ukuthi silale khohlwa manje angipholelanga lokho ngiphole ezinhlungwini ebezikhona.”

Mdu:”Kuzoba iskhathi esingakanani ngoba mina ngifa kuyimanje?”

Lungi:”Mduduzi wakubona ubaba wena ukuthi uyangimora kusase izinsukwana njewena usuyafa.”

Mdu:”Angizenzi ingendlela ongipha ngakhona buka.”

Amubuke ahleke uLungile.

Lungi:”Kumele kuphele izinyanga eziyisithupha sthandwa sami.”

Akhiphe wonke amehlo uMduduzi

Mdu:”Ngekeke ukubone lokho ngizobe sengife ngancwatshwa moso.”

Ahleke uLungile aphenduke aqamele kumyeni wakhe  alale ngathi kukhona akuzwayo okumnandi noMduduzi amubambe ngezandla zakhe.

Mdu:"Emva kwezinyanga ezimbili ngiyacabanga umuzi wethu uzobe sewukahle sizothutha."

Lungi:"Bazovuma nje bomama?"

Mdu:"Hhayi phela sesikhulile ngizolokhu ngihlezi ekhaya nezingane ezingaka."

Aphakamise ikhanda amubheke baqabulane......

Abazali bakaMduduzi bangene esibhedlela bajabulele kuzolanda izingane zabo kanye nomzukulu, baqale ewodini likaMduduzi bangamutholi. Babuze omunye unesi ukuphi.

MaBiyela:"Ngane yami ingabe uphi undodana lo olala kulombhede?"

Nesi:"Wuuuu mama lowo akakaze alale kulowo mbhede ulashelwe ewodini lomkakhe uhlule noma sekathethiswa."

Biyela:"Lomfana madoda."

Nesi:"Makumele athole imijovo adle sesiyazi nje ukuthi ukuphi."

MaBiyela:"Siyabonga ndodakazi."

Baphume baqonde ewodini likaLungile.

Biyela:”Lomfana ngeke ngimangale mangabe sekalalile nengane yabantu ngoba ngathi kunzima kuhlalisa umsipha wakhe ebhlukweni.”

MaBiyela:”Hawu kahle baba umakoti akakabi kahle.”

Biyela:”Wena awukaze ubabone mina sengibabone kawungakhi nje, into ayiyo angimazi lomfana uyangikhathaza.”

MaBiyela:”Ngiyalandula noma ngabe kumuphethe kepha umakoti ngeke akhone ngoba akakalulami.”

Bahambe baze bafike ewodini mabangena nje basasemnyango bazithele kubo beqabulana babukane abazali babo.

Biyela:”Hhayi suka Mduduzi.”

Bathuke bayekane afake izandla emakhikhini uMduduzi ngokushesha, uLungile ayalukise amehlo naye. Bangene abazali babo bamangele.

MaBiyela:”Hawu ndodana unani na esibhedlela umnyango uvulwe nge.”

Biyela:”Ngikutshelile wangiphikisa yini le? Wena kumele ngikumukise kuNtombela azokulungisa lomsipha wakho ohlala ubheke phezulu.”

ULungile amoyizele umyeni wakhe makahleka

Mdu:”Baba sekumele ngibone uNtombela ngenxa yokuqabula inkosikazi yami"

Biyela:”Ukuqabula lento beyenzeka manje?”

Uphelile ukuhleka uMduduzi kuze kuhleka nomawakhe babasize ngengane bayophuma ngomnyango bagibele imoto sebalibangise emzini wabo nomuntu omusha. Bajabulile bobabili abazali babo ngalothando olubasibekele lwabakhusela noma sekuphuma imfihlo engaka....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UScelo wavuka ekuseni wazilungisa benoNtwenhle kanye nendodakazi yabo masekumele baphume abavimbe umawabo.

Ma:"Uya kuphi kanti ndodana?"

Scelo:"Eish mama kunento eyenzeka kudala manje ngiyolungisa lokho."

Ma:"Ngeke umudinge umawakho?"

Scelo:"Umama akaphumule ngizomubona mangibuya."

Ma:"Kulungile ngane yami, uphi lomaphapheni wakho akasakwazi ukukhuluma ungene ekhwapheni lakho manje."

Ntwenhle:"Mama uyangisukela ngizithulele."

Scelo:"Mana mama wazi ngani ukuthi usekhwapheni lami?"

Ma:"Hambani ndodana uyolungisa ngijahe kabi kukubona nibuye bo."

Scelo:"Siyabonga ma."

Bangene emotweni ulokhu uyazibuza ukuthi umawakhe uyabona noma kanjani ashayele imoto kaNtwenhle.

Scelo:"Enhle umama akaboni ngempela?"

Ntwenhle:"Akaboni kepha kwezinye izinsuku uyazibona izithunzi njengoMpilwenhle ngiyasola umama uyamazi ukuthi unjani ebusweni ngoba unokuphawula ngebala leli elisenhlafunweni."

Scelo:"Kuhle lokho kuyinkomba kuthi uzobona futhi."

Ntwenhle:"Kumele masibuya ngindlule ekhaya ngiyothatha ezinye izimpahla."

Scelo:"Ziyaphi ezinye izimpahla?"

Ntwenhle:"Ngijika nawe la oya khona."

Ahleke uScelo

Scelo:"Ngiyaphi mina?"

Ntwenhle:"La oya khona ngeke ngisasala noma soya endlini encane angisafuni kusala angikaze ngizwe ubuhlungu obunje empilweni yami."

Amubheke esibukweni semoto ngoba uhlezi emuva babukane bamoyizelelane.

Scelo:"Ngifuna kukutshela ukuthi siyaphi manje ngicela ungangithukutheleli."

Ntwenhle:"Ngicela ungamoshi injabulo yami Scelo."

Amuchazele ukuthi usesi kaThandazo wamshadisa  ngobugebengu lokho wakubona ngenkathi bathi bayosayinda benoThandazo. Adonse umoya uNtwenhle angaphenduli athule nje azibhekele ingane ezilelele esihlalweni sayo.

Scelo:"Ngiphendule sthandwa sami."

Ntwenhle:"Manje makala ukusayinda lokho kuyosho ukuthi mina ngizoba inkosikazi yakho yesibili?"

Scelo:"Khululela ngeke."

Ntwenhle:"Kanjani ngoba kuyimanje ushadile ngazi ngani mina noma vele nashada ngoba nithandana."

Scelo:"Mudala losesi nawe uzozibonela uyamazi futhi uScelo wakho ukuthi uyazinambuzelela bengeke ngishade lowa sesi."

Amoyizele uNtwenhle

Scelo:"Lokho kusho ukuthi uyangixolela?"

Ntwenhle:"Makangasayindi lowo sesi khohlwa ipunani yami ngeke uyithole usashadile."

Ahleke uScelo

Scelo:"Makasayinda uzonginika khona namuhla?"

Bahleke bobabili

Ntwenhle:"Ngizokunika phambi kwakhe no inki wepeni ungakomi la asayinde khona."

Scelo:"Jabula mphimbo uzogwinya awuthi ngisheshe."

Ahleke uNtwenhle

Ntwenhle:"Ushintshile yazi."

Scelo:"Ngishintshe ngendlela embi?"

Ntwenhle:"Cha ushintshe kamnandi, uthole msebenzi muni?"

Kukhale ucingo lwaScelo aluphakamise.

Scelo:"Baba."

BabThobela:"Uhamba kuphi ngoba ngikumele mina egaraji?"

Amangale uScelo

Scelo:"Baba ukhuluma noScelo."

BabThobela:"Yebo ngiyazi nibaningi kepha ngiwazi wonke amadodana ami, bengeke ngikuhambise wedwa kulomndeni owakuhlupha kangaka."

Scelo:”Haaa baba ngizokubonga ngani na?”

BabThobela:”Ngibonge ngokuthi unyathele leyomoto usheshe ukufika uyeke kushayela njengomfazi, mina sengikulo lezwe lakhona egaraji yokuqala.”

Scelo:”Ngiyasondela baba.”

Alubeke phansi

Scelo:”Yazi lomndeni ungisize kangakanani sengizitholele ubaba nje nabobhuti.”

Ntwenhle:”Kusho ukuthi nawe ukhombise ubuntu ngenkathi unabo.”

Ashayele aze afike ngempela nayi imoto kababThobela afike apake celeni kwayo aphume emotweni, nangu naye ehlike kanye noMandla. Baxhawulane ajabule nje ngempela makababona ngathi kudala abagcina.

Scelo:”Angihambi ngedwa baba.”

BabThobela:”Ngicabangile ngeke asakuvumela usuke emehlweni akhe, ithi ngithole okokuphuza laphakathi sizohamba.”

Abashiye lapho

Mandla:”Namuhla umuhle kakhulu ushayile noma usomile?”

Scelo:”Soqalile akukho engizokutshela kona.”

Ahleke uMandla

Mandla:"Leyo mpendulo ngiyazi kahle isho ukuthi awudobanga fokol awudobhanga nada to the nothing ngisho nomsomo."

Scelo:"Ndoda kanti unjani."

Mandla:"Asambe siyodivoza lomuntu."

Amulandise uNtwenhle nengane nesikhwama emotweni bayishiye lapho eyabo imoto bahambe ngeyababThobela. UScelo noNtwenhle bagibele ngemuva uMandla aye phambili ubabaThobela makabuya agibele endaweni yomshayeli.

BabThobela:"Yazini buya uzoshayela ndodana ngizohlala nomzukulu nomawakhe."

Bashintshane benoScelo ayisuse naye ize imchaze ngathi uhamba ngomunye umshini azifise nje sekenza imali eningi azothenga umshini onje naye.

Mandla:"Kuseduze phambili bafo mawunganyathela ngendlela onyathela ngayo manje uzofika uzithengele encono kunalena."

Scelo:"Ngiyabonga bafo kusho lukhulu makuphuma kuwe."

Mandla:"Asambe siyobona lamanikiniki abantu."

Ashayele bonke abayazi lendawo yaziwa nguScelo kuphela, babone nje sekayimisa esangweni komunye umuzi. Aqale abheke umqondo umubonise uThandazo amoyizele yedwa abuye azikhuze.

Bahlezi ngaphansi kwesihlahla lomama kanye nendodana yakhe uNjeza nosesi wakhona owashada noScelo. Ehlike kuqala namaphepha okumele asayindwe  babheke nabo egcekeni abonwe uNjeza kuqala aze asukume amangale amubuke aze abuke nemoto eze ngayo, abheke umawakhe ogaya amabele.

Njeza:"Scelo."

Kube khani babona basukume ngokushesha nalomama asukume azithintithe izandla namadolo, usesi wakhona naye azihlekise okungatheni. Angene asondele aze afike kubo abalinde benze konke lokutatazela abakwenzayo  asondele kakhulu ngakuNjeza.

Scelo:"Sanibonani."

Njeza:"Sho mfana sendlini."

Ma:"Hawu mkhwenyane nguwena lo?"

Sesi:"Unjani Scelo waze wanyamalala isikhathi esingaka."

Scelo:"Angihlelanga ngilethe lamaphepha kuwe, ngicela usayinde la."

Amubonise makathi uyawathatha angamuniki ngoba uyacabanga angasuke awadabule, makabona ukuthi amaphepha esahlukaniso abheke uScelo ososhintshe waba wuswahla lwensizwa kubonisa ngisho impahla ayigqokile. Abuke iwashi aligqokile abhekise amehlo emotweni ahamba ngayo abheke umawakhe kanye nobhuti wakhe.

Ma:"Sekuyisikhathi impela nashada mkhwenyane awucabangi ukuthi kusale kuba yinto yangempela?"

Njeza:”Nami ngeke ngibe nenkinga uma kuvuma yena usesi, impilo imfushane Scelo akumele sibambelane amagqubu”

Sesi:”Impela Scelo ingane kasesi wami ngizoyinakekela futhi.”

Scelo:”Uzoyinakekela ini ngathi wahlulwa ukuza emncwabeni wakhe. Ngicela ukubuza kuqala ngalenkathi sisuka la noThandazo ngezwa omunye wenu athi umama lo akamuzali uThandazo iqiniso lelo?”

Bathule

Scelo:”Ningaqambi amanga uma nizimisele ngokwenza kahle.”

Azikhalise umama wakhona

Ma:”Bengingamuzali vele kodw……”

Amungene emlonyeni

Scelo:”Ingabe uyamazi umawakhe wangempela?”

Ma:”Angimazi ndodana.”

Scelo:”Uqinsile?”

Ma:”Ngikhuluma iqiniso.”

Scelo:”Sayinda la ngizohamba.”

Kubenzima kuye angathathi ngisho ipeni

Scelo:"Ungichithela isikhathi kumele ngihambe."

Sesi:"Awufuni nokunginika ngeke ngisayindele into engingayazi."

Scelo:"Sayinda akukho engingakurobha kona nje sayinda."

Bezwe sekukhala izicabha zivaleka zemoto babhekise amehlo ngakuyo, babone indoda ethusayo nje iyangena. Kukhona omunye osele uyamele ngemoto babhekane uNjeza yena kuvele kubuye lento abamenzisa yona abantu bakaScelo. Namanje ashawe uvalo kuthi bazomphinda. UbabThobela ulokhu uyasondela kancane aze afike kubo babuke nalesi bhamu asigaxile.

Njeza:"Sayinda bazohamba."

Kuyala impela kuye phela manje kuyacaca ukuthi uScelo sekadla izambane likapondo.

BabThobela:"Sayinda lamaphepha ndodakazi uma ungafuni ukuhlukana nekhanda lakho manje, angizwani nabantu abachitha isikhathi sami."

Njeza:"SAYINDA BO."

Amubambele uScelo amukhombe la kumele asayinde khona kuwowonke amaphepha ngempela asayinde aqede wonke amaphepha.

BabThobela:"Scelo."

Scelo:"Ba."

Mabezwa leli likaba bamubhekisise kahle yena angababheki sebashwabene bayinto engachazeki.

Ma:"Hawu kodwa ndodana."

Scelo:"Ninako ukudla?"

Ma:"Asinako ngane yami."

Afake isandla ekhikhini akhiphe iwalethi athathe imali angayibali amunike yona yonke, bamangale kakhulu kunakuqala.

Ma:"Ngiyaxolisa ngakhokonke okubi ngakwenza kona ndodana."

Scelo:"Kudala nganikhohlwa nje khululeka ngoxolo ngiyakuxolela kepha kumele ngikubonge ngoba ukube azange ungihluphe mina ngabe ngisakhamsile la ngiyabonga mama kaNjeza ngazo zonke izinhlamba owangithuka ngazo, baba asambe."

BabThobela:"Okokugcina wenamama wabo uzimoshile izimpilo zezingane zakho ngalomhobholo onawo, shintsha.."

Bafulathele babashiye bekhamisile lapho bayogibela emotweni ayisuse uScelo….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMADLOKOVU🌼

Zodwa:"Angisakhoni Madlokovu ngicela ungidedele."

Madlokovu:”Ubusuku bakho bokugcina lobu ula ngiyathembisa.”

Zodwa:”Ngempela ngidedele.”

Madlokovu:”Angikaze ngikuthembise angithi ngiyaqala namuhla ngikholweke, kusasa uzohamba kuzoya ngokuthi uzizwa unjani emzimbeni.”

Zodwa:”Maye uyisilwane angiyazi indoda yokugibela umuntu zinsuku zonke.”

Madlokovu:”Ikhona uma owesifazane eyilandelela.”

Azibambe esiswini akhale.

Zodwa:”Awu nasi lesisu futhi.”

Madlokovu:”Naso sizokuphatha okokugcina.”

Zodwa :”Esani izinhlungu ezinje ngathi umhelo awwww weeee ma.”

Asukume uMadlokovu asithele ngale endumbeni yakhe athathe izingutshana nomuthi abuye akundlale phansi phakathi negumbi.

Madlokovu:”Lala la phansi ngiyabuya.”

Zodwa:”Uyaphi ngisize.”

Madlokovu:”Ngiyakusiza angithi yingakho ngithi lala.”

Aphume uMadlokovu abhodele ngale emva kwendlu yakhe angene kulomfula kuningi okwenzekalayo nje,  ibhakede eliwu10 litha. Angene amanzi aze afike esifubeni sakhe aphakamise izandla zombili aziphakamisele phezulu naye abheke phezulu.

Madlokovu:"Lufikile usuku iyeza inkanyamba ngibiza nina nonke zidalwa zomsebenzi wobumnyama iyeza inkanyamba yobumnyama. Usikhondlakhondla madabula amazulu ngibiza wena Mkhize vuselela izidalwa zakho. Yehlisa umoya wakho wobumnyama wena Khabazela kamavovo, yimina isizukulu sakho indodana kaMporo owahlwithwa impilo ngendluzula engakaqedi ibanga lakhe. Dedisa ukukhanya manje ufake ubumnyama."

Alule isandla esiphethe inkemba ecijile ibukhali ize iyabenyezela ayikhombe emafini.

Madlokovu:"Maline elobumnyama inkanyamba, uskhondlakhondla umabonwa abulawe kepha angafi aphinde agqoke iskhumba sakhe aqhubeke ngempilo yakhe akakwazi ukufika kuthulekile maline  iyavela manje isendleleni. Iyooooo ngiyanibiza sabelani."

Angakaligwinyi  kudume kuphambane imibani ibonakale iduzane, kusuke omkhulu umoya lo kungqungqe kube munyama bhuqe. Kukhale amasenke sekuphephuka imizi yebantu kuphephuka ngisho izonkomo ziyowela le. Abazali bezingane ezincane sebagcwele amagceke bagijimela kuyokhusela izingane zabo ebezizidlalela ngoba belibalele bha limnandi. Abawashayo sebapheshukelwa izimpahla zabo, kuyamenyezwa ngapha nangapha.

Madlokovu:"Woza skhondlakhondla nkanyamba wena uza nabangasekho, oMkhize, inkosi uBiyela mulande la aphoswa khona. Iyoooooooooooooooooo kuzophela nya manje ngezitha zomndeni wami ngivusa wena moya kaNontombi lapho ukhona kunye nezinyokana zakho yimina lo."

Akhe amanzi iphume nalenyoka ebingasanawo amandla ngenxa yokuthi kufe umnikazi wayo uBiyela mbumbulu. Iphakamise ikhanda elibhocobele asondele uMadlokovu ayiphulule ekhanda.

Madlokovu:"Uyeza uskhondlakhondla uzokulethela amandla aphindekile kunalokhu."

Ibuyele emanzini kusekubi ngaphandle aphume uMadlokovu nebhakede lakhe sekalifake amanzi abuyele endlini afice uZodwa sekajuluke waba manzi nte. Uyakhala akazi kwenzakalani ngoba isisu asikaze sikhule kubonise ukuthi ukhulelwe, afike amuvule ngaphansi uMadlokovu amubheke amoyizele yedwa.

Zodwa:"Ngisize kwenzakalani ngami maye kubuhlungu kuthi angiphushe."

Madlokovu:"Phusha phela."

Zodwa:"Ngiphushani kanti?"

Madlokovu:"Sizobona khona phusha makuthi  phusha."

Abinyabinyeke lapho uZodwa ekhala umangele kwenzakalani ngaye azame kuphakama uMadlokovu amubeke unyawo ehlombe kuthi akabuyele phansi. Amudabulele konke akugqokile noma emangele akazi kuthi alwe athini ngoba amandla akanawo.

Madlokovu:"Vula lemilenze ngibone ingane yami."

Zodwa:"Ingane yani wena?"

Madlokovu:"Wake wayibona wena inyanga iravaza kungaphumi mphumela, vula lawo mathanga uyeza uskhondlakhondla futhi mukhulu uyosala urephuzeka."

Akhale uZodwa abathe uyazibamba kuyafana

Zodwa:"Kuthi angiphushe."

Madlokovu:"Phusha."

Zodwa:"Ohhhhhh ngiyafa kuthi angiphushe bo."

Madlokovu:"Phusha bo.

Aphinde amulunguze phakathi kwemilenze avele agedle amazinyo

Madlokovu:"Nazoke phusha maravaza phusha."

Azizwe ukuthi kuphuma into enesisindo kulandele into ende masekuphume konke azame kuhlala ngezinqe abheke phakathi kwemilenze lento echaza uMadlokovu kangaka angawakholwa amehlo wakhe ashawe olunye uvalo.....

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 60🌼

KWAMADLOKOVU🌼

UZodwa makabona lento ephakathi kwemilenze yakhe athuke inyoka enkulukazi ikhanda lakhona likhulu ungafunga elomuntu nangendlela elime ngakhona, lize liphephezela uboya ngathi izinwele.

Amehlo wona umuntu qobo lwakhe makayibona lenyoka izigoqile kuyazisho isewusana imukhiphele ulwini uZodwa avele awise umzimba aquleke. UMadlokovu athathe lenyoka ayibeke emabeleni aZodwa izimunyele yona ingakanikwa.

UZodwa ulele ubuthongo bokuquleka akezwa lutho imunye inyoka elokhu eyiphulula uMadlokovu mayiqeda izigoqe esiswini sikaZodwa.

Alande into yokuyimbesa ithokomale lapho kunina abone naye ukuthi makangayithatha la ngeke kulunge. Aqhubeke nomsebenzi wakhe eloku ezithokolela ejatshuliswa ukuthi usikhondlakhondla inyoka eyovusa bonke abangasekho isikhona.

Madlokovu:”Ngeke balunge ngizokukhulisa Skhondla uze uqine ube namaqhinga onke. Hahahaha nayi inkosana abakayiboni asiyithathe nayo amandla azoba maningi futhi agcwele amandla kuyo."

Izulu selithulile kwaphuma nelanga ngathi akukaze kune imvula nomoya uthule uthe tuu abantu abamoshakalelwe bamangele ukuthi kwenzenjani ngoba nasi isimo sezulu sesibuyela esimeni saso....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABIYELA🌼

Biyela:"UNtwenhle vele sekaganile ngoba angasishayeli angaveli nasekhaya?"

MaBiyela:"Angithi nguwena ophisane ngengane yami ngoba sodidwe ubuhle balomfana."

Gabi:"Baba uthi umkhwenyane muhle?"

Biyela:"Makangagqoka amalokwe aNtwenhle ahlale phansi kungabonakali lombala umfazi klaaar."

Bahleke uGabsile nomaBiyela

Biyela:"Wenake lebhubesi lakho lithi liza nini?"

Gabi:"Eish baba ngikhohliwe kukhona anginike kona."

Ahambe aye egunjini lakhe abuye nemvilophu encane ayinike uyise angapholisi maseko uBiyela ayivule amoyizele yedwa bese uyifaka esikhwameni angasho lutho. UGabsile abukane nomaBiyela ngokumangala.

MaBiyela:"Manje kuthiwani lapho wangasitshela lutho."

Biyela:"Hayibo kubhalwe Biyela bengicabanga ukuthi yimina ngedwa uBiyela."

Kungene uNokubonga noMlungisi uzibambe isisu uNokubonga uyakhala, basukume babahlangabeze uMlungisi amehlo abomvu.

Biyela:"Ndodana kwenzanjani?"

Mlu:"Mama ngiyacela angazi kwenzenjani."

UmaBiyela atatazele aye kubo amubheke bazame kumuhlalisa phansi.

MaBiyela:"Kwenzenjani Bonga?"

Akakhoni nokukhuluma uyakhala izinhlungu azizibekanga phansi uyagoqana.

Gabi:"Kumele aye esibhedlela."

Mlu:"Isekudeni ngeke aifike."

Amuphakamise uMlungisi ayomulalisa embhedeni kungene uNtombela ngaleso sikhathi akasakhulekanga kuyaphuthuma.

Ntombela:"Indlovukazi iyebiwa letha amanzi abilayo."

Baphambane nendlu kubiliswa amanzi akhiphe izinto zakhe eziphuthelwe ngephephandaba akuphose kulamanzi abilayo. Akekho ofuna incazelo manje bonke bathukile yilokukhala kwaNokubonga, awuthele umuthi kunuke indlu yonke into engachazeki ngapha uyakhuza umhlolo uyababaza uyamemeza uyalwa futhi.

Bamungenise la alaliswe khona makangena nje bazithele kuye sekabambelele kuMlungisi ngamandla akhe wonke ngathi kunzima.

Ntombela:"Zibambe ndlovukazi ungalinge uphushe."

Mlu:"Kwenzakalani kanti sthandwa sami."

Noku:"Mgaz Mgazi."

Amuphuzise lomuthi uNtombela kube ngathi kuthi dambu kancane uMlungisi ujuluke umanzi nte uze uyaqhaqhazela.

Ntombela:"Nkosi yami kunomoya omubi oqeda kuzalwa kuze ube namandla kumele mawuvela kufe inkosi ezayo. Indlovukazi bebezama kuyithatha ngenxa yalokho impi ayikapheli."

Mlu:"Usho ukuthini?"

Angakaphenduli kuvuleke umnyango futhi angene umama Nokubonga uphefumulela phezulu naye ujulukile. Ungena uhamba phambili ulandelwa umyeni wakhe amehlo abomvu uyakhala.

MaButhelezi:"Indodakazi yami iphi?"

MaBiyela:"Ngena ngapha sisi."

Nalezidwaba zakhe sekazifase wazifasa amafindo akusabonakali ukuthi ugqoke ini. Okulengayo nje makumphazamisa ukufasa ifindo kusuke endleleni yakhe. Angene abheke indodakazi yakhe egone kumyeni wayo wehla izinyembezi lokho kwenze bathuke bonke endlini umamkhulu akakhali phela. Asondele abheke indodakazi yakhe emehlweni awavule kancane amubheke phakathi izinyembezi zehle.

MaButhelezi:"Mgazi ngivulele amehlo akho ngiwabone."

Awavule wonke awabheke bese uyaphakama ubheka uNtombela.

MaButhelezi:"Umunike  inkelebe?"

Ntombela:"Yebo ma."

MaButhelezi:"Kulungile muphakamise Biyela umufake emotweni ngifuna ningiyise la kunesiyalu khona manje."

Mlu:"Yini lokho?"

Biyela:"La kunamanzi aphuma ngathi ayabila."

Enze njalo uMlungisi bangene ezimotweni zisuke phambili kuhamba eyaBiyela kunoNtombela phakathi nguyena olayelayo kuthi baye ngakuphi. Bafike behlike kuhambe uNtombela nomaButhelezi kuqala mabasithola lesiyalu bababize behlike noNokubonga.

MaButhelezi:"Mulalise kuwo lamanzi myeni wakhe umukhumule, abesilisa abasishiye ngizosala nomyeni wakhe noGabsile nomamezala wakhe."

Babashiye bayomela kude le aqale amukhumule uMlungisi abe nqunu.

MaButhelezi:"Nawe khumula uzibhinqe ngalokhu okhalweni. "

Amunike idukwana belithwelwe uNokubonga ekhanda abambeke uMlungisi bese bayamufulathela kuthi akhumule kahle ngokukhululeka. UGabsile amoyizeliswe isimo ayiso nje mabathi akakhumule, akhumule azibhinqe.

Mlu:"Sengiqedile."

Babuye

MaButhelezi:"Ima uvule izinyawo angene phakathi kwezinyawo zakho ngoba elele."

Eme kanjalo aqale akhuleke umaButhelezi ngapha uyakhala izinyembezi ziyehla ugcwele intukuthelo makaqeda liqale futhi izulu liguqubale. Anike uMlungisi umkhonto athi akawukhombe phezulu bese uwubeka emzimbeni wenkosikazi yakhe makaqeda ngawo.

MaButhelezi:"Ukhulume lento engizokutshela yona."

Avume uMlungisi umaButhelezi akaphethanga lutho angamunika kona nguye nokholo lwakhe qha.

MaButhelezi:"Usho izithakazelo zakho lomkhonto ubheke phezulu, ungalinge usehlise isandla izulu lingakani. Ume kanje noma lingaduma libanike okubalulekile ukuthi line.

Uzisho izithakazelo zakho bese uthi aline eleNkosi lizosindisa indodana yami, izibulu lami, inkosi yaseMgazini. Bese usho igama lakhe ozomunika lona abizwe ngalo."

UMlungisi usadidekile ukuthi indlovukazi yakhe ikhulelwe khona manje ingane yakhe ifuna kuthathwa noma umawayo, kumele ayinike igama into angakaze ayicabange nanini na. Athuke sekamumemeza umaButhelezi.

MaButhelezi:"Nkosi yaseMgazini phakamisa umkhonto."

Enze njalo uMlungisi ngapha uvalo luyamushaya makabuka inkosikazi yakhe elaliswe nqunu emanzini, nezinhlungu ngathi seziyaqala futhi. Asho izithakazelo zakhe livele lijike libe munyama

bhuqe kusuke umoya. Eme uMlungisi bamangale bobaba ngale kuthi sekwenzenjani, ahluleke kuzibamba uButhelezi asondele kepha angasondeli kakhulu.

Azimemeze izibongo zakhe umoya ube namandla nawo aze aphusheke kepha eme.

Ledukwana elisokhalweni liyaziphephukela manje kepha lisafasekile, uyakhala uNokubonga uyagoqana futhi. Lidume kakhulu umbani udlalele khona la kulomkhonto aziqinise uMlungisi umaBiyela sekayakhala naye.

Okumkhalisa kakhulu uthuswa ukubona izinyembezi  zikamaButhelezi akakaze abe sesimeni esimkhalisayo, kepha namuhla uze unesibibithwane. Kuthe sekunjalo bezwa amafathazela emvula nesandla sikaMlungisi sesikhathele.

Mlungisi:”Phephisa baba izibulu lami inkosi yakusasa uMqondisi Biyela, yaaaaaa uMqondisi kababa.”

Line kakhulu manje akusekho moya, alisadumi alusabaniki liphikelele liyana avume ngekhanda umaButhelezi naye amoyizele. Ehlise isandla esinomkhonto aziwise ngamadolo aqabule uNokubonga umaButhelezi amunike impahla nayo seyimanzi amumbathise naye agqoke ibhlukwe lakhe amuphakamise baye emotweni.

Nokubonga:”Uyazi ukuthi ngiyakwazi kuzihambela angithi.”

Mlu:”Ungaphinde wenze lento oyenzile ndlovukazi yami.”

Nokubonga:”Makukhona wena baba kaMqondisi eduze nami akukho okuzokwenzeka.”

Mlu:”Sizoba nendodana vele?”

Nokubonga:”Sizoba nendodana.”

Mlu:"Emasontweni amabili azayo siyashada sohlala esihlalweni nendodana yethu esiswini, ngavele ngabona ngosuku lokuqala ngikubona ukuthi wena uphethe injabulo yami ezandleni zakho. Unguthando uyimpilo kimi."

Babalinde elokhu eza kancane uMlungisi bahamba bakhuluma baze bafike bangene emotweni ihambe kanjalo. Bahambe baze bafike kaBiyela bazilungise bagqoke okufuthumele  bahlale phansi bonke badinga incazelo.

Ntombela:"Mina ngivezelwe isilwane sobumnyama esinamandla ngendlela exakile kodwa lamandla azophindaphindeka masibulala inkosana engakaveli futhi ukuthi abazali bayo bebangazi ngayo yingakho kucishe kwaba lula."

UmaButhelezi usakhala namanje

MaButhelezi:"Awukapheli umsebenzi lesilwane sivuse yonke imimoya eke yanqotshwa, ngiyibona izungeza ubukhosi. Umshado kumele wenzeke ngaphambi kosuku lokugcotshwa kwenu, futhi ukubekwa kwenkosi entsha kumele kwenzeke ngokushesha hhayi losuku olumenyezelwe.

Bantabami angikwazi okunje angazi ngikuchaze ngikuthini. Lenkosana yenu iza namandla ngokwayo ubumnyama sebawabonile isiqalile impi futhi. Amandla alahlekela umkhulu wakhe uBiyela amanye akuSambulo indodana yami, amanye anyamalala nje. Abadala bebewabambile ngoba bazi ukuthi bazowadedela ngesikhathi esikahle. UMqondisi uza nawo futhi uwagqokile uza nezimanga ngizwa ngiyasaba lengane izozingelwa yonke indawo iphethe isiliva ngesandla.

Mlungisi iyeza impi yomoya Nokubonga hlala edolweni ohhhhhh ngane yami ngenziwani ngawe kodwa."

Akhale umaButhelezi baze bakhale bonke amadoda athule kepha izinhliziyo ziyababa.

MaButhelezi:"Lesilwane sizalwe uZodwa usesi wami omncane engamushiyela ibele okumele ngimutshele futhi nangemfihlo enginayo. Baba myeni wami asambe indlovukazi iphephile."

Ntombela:"MamButhelezi kumnyama la endleleni ibonile imimoya ukuthi uvimbe imisebenzi bebawuzama. Ubuthaka manje izoba namandla kuwena."

Buthelezi:"Ngeke sihambe nkosikazi ngiyazi ufuna umbhede wakho ombeswe ngokumhlophe namuhla ngicela uvume kulala."

MaBiyela:"Zikhona ezimhlophe ngizokulungisela buya Gabsile."

Basukume babashiye lapho uNokubonga uziqamelele kuMgazi wakhe akafuni nokusuka......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

ENDLELENI🌼

UScelo noNtwenhle basasendleleni lokushintsha shintsha kwesimo sezulu kwenzeka nje baphakathi nendlela. UScelo uze wakhipha imoto emgwaqeni babambana lapho ngenxa yokusaba kwaze kwacweba kahle bahamba.

Lithe maseliphinda futhi besebangena ezweni loBiyela bema futhi kancane lokuduma kwesibili besekungafani nekwaseqaleni. Kuthe kungaba kahle sekuna imvula kuphela athathe ucingo lwakhe uScelo ashayele umawakhe.

Scelo:"Mama ukahle?"

Ma:"Ndodana angiboni emehlweni kepha bengizwa ngaphakathi ukuthi lezulu linomkhuba phakathi."

Scelo:"Wenzani manje, ngikhathazekile ngoba sisekude."

Ma:”Khululeka ndodana ungilandile umfana kaMkhaliphi.”

Scelo:”Ulapho manje?”

Ma:”Yebo.”

Scelo:”Indlu yakho ayiphephukanga ngoba ziningi ezimoshekile?”

Ma:”Sengiyobona kusasa ngane yami.”

Scelo:”Uzolala lapho?”

Ma:”Ngiyalala ndodana sisaba nokuvula umnyango lento beyenzeka ngaphandle iyamangaza.”

Scelo:”Kulungile ma ngoba uthi ukahle sizoya khabo Ntwenhle ayobona banjani ngoba ukhathazekile naye.”

Ma:”Ushayele kahle ndodana.”

Scelo:”Ngiyibambile ma ungakhathazeki manje sesiyangena nje emgwaqeni wakhona.”

Ma:”Ubuye ngizokubonisa umngani wami ungijabulele ukuthi sesidibene nendodana yami.”

Scelo:”Ubekahle ma ngiyakuthanda.”

Ma:”Ngiyakuthanda nami ndodana.”

Aluvale abheke isthandwa sakhe emuva

Scelo:"Nikahle lapho?"

Ntwenhle:"Sikahle uzilelele uMpilo, yimina nje omangele."

Scelo:"Abantu bayaganga sthandwa sami manje sengiyayiqonda lento eyayishiwo umama kuthi singabi nabangani uma sinabo sibakhethe ngobuhlakani."

Ntwenhle:"Eyyyy sthandwa sami akusenani sikahle nomama ukahle okwakhe bekungithusa ngoba bengeke abone noma sekuza into ezomulimaza."

Scelo:"Sesifikile kini."

Ntwenhle:"Asehle."

Scelo:"Mina ngizolalaphi?"

Ntwenhle:"Khona la."

Scelo:"Kahle bo ngeke, usagula?"

Anikine ikhanda uNtwenhle

Ntwenhle:"Hayibo Scelo ngathi ubona isimo sisibi wena ucabanga lokho."

Scelo:”Ngingaze ngikajwe isenke eliphephukayo entanyeni ngife ngingakangeni emzini wami, ngeke angivumi.”

Bahleke bangene kuwe zihlahla kuningi nje okumoshekile emagcekeni abantu, izulu lisana kodwa manje licwebe kahle. Bakokode amemeze uNtwenhle.

“Mama yimina.”

Uvuleke umnyango bangene bazithele ebantwini abaningi indlu igcwele, asukume umaBiyela ayohaga indodakazi yakhe. UBiyela abheke uScelo avume ngekhanda.

Biyela:”Bengikhathazekile ngaye kakhulu ngiyabonga ndodana.”

Scelo:”Kulungile baba.”

UGabsile amangale makangena abona uScelo phela umazi ngoba bake babasiza benoSambulo yena noThandazo. Naye uScelo amangale afunde kwezakhe uGabsile ukuthi nguyena Scelo lo owayekhalelwa usesi wakhe omncane. Angabi nenkinga ngoba uyazi uThandazo sekaziphumulele manje futhi ingane yakhe ikahle. Ahage usesi wakhe umaButhelezi ulokhu uyakhala.

Buthelezi:”Asambe siyolala nkosikazi sekwanele manje indodakazi yethu ikahle nawe uyazibonela.”

MaButhelezi:”Ukuthi anazi okuzayo kunjani, manithuswe okwanamuhla nisheshile siyeza isimo esibi.”

MaBiyela:”Mamakhe iNkosi isindlulisile kulesimo sanamuhla nangokuzayo izosindlulisa.”

Bangakasukumi uBiyela azibambe esifubeni ahlahle amehlo kubenzima ukuphefumula.

Gabi:"BABA."

Bonke baphenduke babheke lokhu okukhalisa uGabsile babone uBiyela aya phansi ngamadolo basashaqekile uScelo asondele kuye agijima amubambe angawi. NoMduduzi asondele bamubambe bamuhlalise kusofa babeke ikhanda lakhe libheke phezulu liqamele kahle. Amuvule amehlo uScelo ngesandla awabheke.

MaBiyela:"Hayi hhayi baba Mlungisi."

MaButhelezi:"Ohhhh shwele Bawo kanti yini na."

Ntwenhle:"Baba kahleni bo."

Azigedle kuye uScelo amukhumulise izicathulo amuxegise konke okumubambile, ulokhu uyasokola ukuphefumula. Amudabulele ihembe asale ngezifuba abeke iminwe emibili phakathi nesifuba ngathi kukhona akulalelayo. Ayihambise futhi aphinde alalele bese usukuma ngokushesha bonke bamangele wenzani manje kepha ngenxa yokuthi bathukile abazi benzeni.

Mlu:"Ngishayela ambulance."

Adonse umoya kakhulu bonke babhekile bese ulahla umzimba athule tuuuu amemeze umaBiyela benoGabsile. Bonke bashaqeke kuze kuphume noLungile egunjini noswane lwakhe ngenxa yalesililo. UScelo adonse uMduduzi ngesandla amuguqise phambi kwababakhe amubeke isandla esifubeni.

Scelo:"Put pressure la ungayeki ngiyabuya."

Mlu:"Kwenzakalani?"

Scelo:"Heart attack ngicela ukhiphe bomama bayangiphazamisa."

Mlu:"Bakuphazamisa wenzani ngiyishayele I ambulance."

Scelo:"Incase awubonanga ubaba uthulile manje."

Athuke uMlungisi aqonde kuyise ngempela amufice athulile angazi noma ulele noma sekashonile vele, abheke uNtwenhle wakubo phela ungudokotela makabona isimo ayiso azitshele ukuthi sekahambile ubabakhe. UScelo uphumile aphinde abuye.

Scelo:"Ngicela istro."

Bamuhlahlele amehlo

Scelo:"Bhuti Mlungisi akukho la obone khona istro  sokuphuza ngingasithola kuphi bo?"

Avule amalayi acinge lapho noGabsile  amucingise basithole bamunike, ahambe ayozicingela ummese awufunayo aze awuthole. UmaBiyela makabona ummese  esandleni sikaScelo amemeze kakhulu.

MaBiyela:"Hhayini Ntwenhle."

Scelo:"Shayela ambulance ukhiphe bomama la."

Asondele kubaba uMduduzi ulokhu ubambile la kuthiwe akabambe khona, angasasuki uMlungisi ngapha ushayela ambulance bese uphuma nabomawakhe uGabsile noNtwenhle banqabe kuphuma.

Scelo:"Ngibambele la."

Enze njalo uMduduzi amuvule isikhala empinjeni uScelo kuphume igazi ahlohle lestro ngokukhulu kuqophelela. Masekanelisekile kuthi sihlezi kahle afuthe ngomlomo kuso aqhubeke aphefumulele kuso aze adonse umoya futhi uBiyela.

Uwudonsa nzima kodwa kubencono ngoba bayabona nakhu uyaphefumula. Abambe la amusike khona azame kuvala igazi lingasaphumi. Ifike ambulance nabo bangakhiphi lestro kucace kulaba abasendlini ukuthi lento eyenziwe uScelo imusindisile. Asondele koyedwa

Scelo:"Do you have a 325mg aspirin?"

"Sinayo."

Scelo:"Muhlohleni emlonyeni to losen up bloodflow, he just had a STEMI heart attack because his coronery artery is totally blocked im behind you asambeni."

Bazibonele ukuthi udokotela lo okhulumayo kepha la endlini bashaqekile kuthi kwenzakalani uNtwenhle yena ikhanda limile ngoba lento uScelo akhuluma ngayo uyayazi noma angayazi kahle kepha uyayazi ikhona.

Bamuphushe baphume naye uScelo agibele noMlungisi uMduduzi asale ngenxa yeswane lakhe. Bonke batheleke ezimotweni kulandelwe I ambulance seyilibangise esibhedlela. Mabehla nje uScelo abe alandela umbhede aze awundlule aqonde ecasualty yakhona mabathi bayamuvimba ale.

Scelo:"Ninaye udokotela wenhliziyo?"

"Cha kepha siyamushayela akahlali la."

Scelo:"Nginguyeke ngiyazi akudingayo ngicela ningiphe ithiyeta."

“Asikwazi mnumzane ngeke sikuvulele ithiyeta.”

Scelo:”Mlungisi uyahamba ubaba yenza indlela.”

UMlungisi azihushulele isibhamu kube nomsindo wokumemeza.

Mlu:”Uyasipha ithiyeta noma?”

Beme amakhanda uScelo ahambe ayovala umnyango.

Scelo:”Akungeni muntu la ngidinga ihora nje.”

Mlu:”Sho.”

Bayabona ukuthi bathatha ithuba nje abantu bangashayela amaphoyisa babanjwe, bawuphushe umbhede uye ethiyeta. UNtwenhle akakhoni ukuxhumanisa lento eqeda kwenziwa uScelo wakhe. Ngempela abematasa ethiyeta yedwa angaliqedi nehora aphume. Ababheke nabo bashawe uvala ngoba abazi ubazela naziphi izindaba…….

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 61🌼

Ababheke uScelo aze asondele uGabsile kuye

Gabi:"Unjani ubaba?"

Scelo:"Ahm nje goba besengishilo iheart attack ubaba akazinakekeli akaphumuli ngokwanele level of stress naso siyathusa."

MaBiyela:"Mkhwenyane uzobakahle kodwa?"

Scelo:"Uzobakahle namanje ukahle ulele nje kepha kunento engizoyicela angazi nizoyithatha njani ngoba ayikavami ukwenzeka."

MaBiyela:"Yini leyo mkhwenyane?"

Asondele noMlungisi azozwa uScelo abheke isthandwa sakhe esithukile ngobabaso kepha simangele ngoScelo. Asondele ngakuye amuhlikihle isphanga amugaxe adonse umoya.

Scelo:"Ngicela ukumupha okuthile okuzomlalisa angaphaphami noma amasonto amabili azokwazi ukululama kahle."

Babhekane

Mlungisi:"Ayikho enye indlela angalulama ngayo?"

Scelo:"Ikhona ukuthi ahlale elokhu egqishwa amaphilisi aqhubeke nokuhlushwa ilokhu bekumuhlupha eningakwazi."

Gabi:"Manje mawumulalisa ngeke asizwe noma sinaye?"

Scelo:"Uzobe efana nomuntu olele kodwa uzovuka akahle."

MaBiyela:"Hayibo ndodana uzodla kanjani makalaliswa amasonto amabili?"

Scelo:"Uzodla ngedrip lento inawo wonke amavitamin, maminerals adingeka emzimbeni."

Babhekane

Scelo:"Ngizonipha isikhathi nibonisane ngisayolungisa lento esiyenze emnyango bangakasibizeli amaphoyisa."

Mlu:"Ngizohamba nawe."

Baqonde emnyango mabafika ecasualty baye kunesi lo abebanqabela kungena.

Scelo:"Sister siyaxolisa ngodweshu esilwenzile besijahe kuphilisa ubaba."

Nesi:"Ungaxolisi kimi baningi abantu abathukile la dr."

Mlu:"Senzenjani siniphazamise siyoma emnyango futhi sixolise basizwe?"

Nesi:"Cha ningalinda umphathi wabodokotela ngishayele yena namaphoyisa."

Scelo:"Ngeke ukhone kujikisa amaphoyisa mhlawumbe, sisi ubaba abesenkingeni."

Nesi:"Ukahle manje?"

Mlu:"Ungaya komubheka."

Nesi:"Kulungile xolisani kulabantu ngizowashayela amaphoyisa kepha makufika umphathi kuqala."

Abe angena lowo mphathi nabo bazibonele angakazibiki aqonde kulenesi abakhuluma nalo nabo baze bachele kancane. Babhekane bamangazwe ilokufana kwakhe noThemba.

Dr:"Kwenzenjani, akekho olimele? Baphi manje? Kukhona bebafuna  ukumbona mhlawumbe."

Nesi:"Akekho olimele mnumzane futhi sebasivulele bebadinga ithiyeta beze nomuntu obanjwe iheart attack."

Dr:"Nimushayele yini uDr. Sthole?"

Nesi:"Bahamba nodokotela wabo."

Amangale lodokotela usadidekile uMlungisi asondele akhiphe isandla kuthi axhawule umphathi amubukenje ngoba akamazi.

Mlu:"UMlungisi Biyela yimina bengivalele abasebenzi bakho ngiyaxolisa bengenziwa isimo ubaba ubanjwe iheart attack udokotela wathi kunezinto azozidinga kwithiyeta yakho."

Dr:"Uyazi ukuthi ububambe abantu ihostage futhi kuwrong amaphoyisa asendleleni?"

Mlu:"Ngiyazi."

Dr:"Uphi manje lomuntu?"

Mlu:"Anginasqiniseko nangu owaziyo."

Akhombe uScelo naye asondele

Scelo:"Scelo Hadebe isigulane besiphakathi kokufa nokuphila akukho bengingakwenza masifika la bengazi ukuthi kuzomele silandele umthetho ngase ngifosta ukungena ngizenzele."

Mphathi:"Bekwenzenjani?"

Scelo:"Stemi heart attack."

Ahlahle amehlo umphathi

Dr:"Im not a cardiologist but I know patients with that type of heart attack don't survive."

(Angisuye udokotela wenhliziyo kepha ngiyazi leyo nhlobo yeheart attack abaphili abantu ebababambayo)

Scelo:"That's true but my patient is fine now that's why we forced our way in."

(Iqiniso lelo kodwa isigulane sami sikahle manje yingakho siphoqile ukungena la)

Dr:"Can I see that patient?"

(Ngingasibona leso sigulane)

Bahambe babuyele emuva mabafika amangale naye udokotela abuke uScelo, kuqhamuke lonesi bebakhuluma naye namaphoyisa abakhombe ngomuno  basebuqamamana, uScelo noMlumgisi babukane novalo luthi gubhu.

Phoyisa:"Sanibonani."

Dr:"Ngiyaxolisa ngiyazi nibizelweni kube nokungazwani kahle kepha kulungisekile asikho isidingo samaphoyisa."

Phoyisa:"Hostage akusiyo into elungisekayo kungaboshwanga muntu."

Dr:"Akukho hostage beyikhona njengoba ngishilo yimina umphathi wesibhedlela akukho muntu osengozini ningazibhekela nani isibhedlela sonke."

Abhekane amaphoyisa bese ayazihambela uMlungisi adonse umoya ngoba besekathukile kuthi uzobanjwa, futhi bekazitshela ukuthi ngeke avume uScelo aboshwe nakhu usindise ubabakhe.

Mlu:"Siyabonga kakhulu dokotela."

Baqhubeke bayongena kuBiyela amangale udokotela into ayificayo amuchazele uScelo konke akwenzile kuye.

Dr:"Sizomufaka ewodini."

Scelo:"Manje ngilinde isinqumo somndeni kuthi ngimulalise azolulama ngendlela engifuna ngakhona."

Dr:"Lokho ngiyakusaba iningi labantu abalaliswayo for recovery they don't come back."

Amoyizele uScelo

Scelo:"Lona uzophaphama."

Dr:"Ngiyasithanda isibindi sakho."

Mlu:"Scelo menze lokhu okucabangayo ngiyazi ngeke ufune ukumenzisa into ezombulala."

Scelo:"Kumele kube umama oshoyo ngoba uyinkosikazi yakhe."

Dr:"True umama makasaphila akanikwe amaphepha awasayinde kepha makangafuni ningamuphoqi, Dr.Hadebe ngicela usebenzise okudingayo ungishiyele nenombolo yakho kumabhalane ngisayolala mina angisebenzi ebsuku njengeskhova."

BahlekeScelo:"Ngiyabonga Dr?"

Dr:"Dr.Baloyi."

Scelo:"Dr.Baloyi ngiyabonga."

Baxhawulane manje sekamubukela lokumfanisa nakhu nesibongo sesimthusa, noMlungisi naye uyabona lokufana okubonwa uScelo kepha bangasho lutho. Mabaqeda kuxhawulana afulathele abashiye lapho baye kubomama angakakhulumi lutho uScelo.

MaBiyela:"Mkhwenyane ngibeka impilo yomyeni wami ezandleni sakho yenza okumele ukwenze umuphephise."

Scelo:"Kunamaphepha okumele uwasayinde ma ashoyo ukuthi uyavuma ngimulalise."

MaBiyela:"Kulungile ndodana."

Ngempela balungise konke okumele bakulungise nabo bahambe bashiye uBiyela sekamulalisile uScelo bamubeka ewodini.

Mlu:"Scelo ndoda ngiyokukhohlwa ngifile."

Scelo:"Akukho lutho bhuti."

Mlu:"Bengingakuthembi eqaleni kepha masengibona ubaba asizwa istro ukuphefumula ngiye ngamangala, naye ngiyafisa ukumubona uyothini makavuka la kuthi usizwe uwena."

Scelo:"Ngithukile ukubona ubaba ayoginqika phansi akakwazi ukuhamba angakashadisi uNtwenhle."

Mlu:"Nakhu sesifika uNtwenhle umangele akakhoni nokukubheka."

Scelo:"Ngimubonile yingakho nje angagibelanga nami."

Mlu:"Unjani yena othandweni lwenu?"

Scelo:"Unjani kanjani?"

Mlu:"UNtwenhle uyaphapha sidalo ukhuluma okufika ekhanda lakhe akanandaba kuthi kufika komunye umuntu kunjani."

Scelo:"Usesi wakho angazi ngithini yazi akuchazeki, ngiyazi uyaphapha kepha akangideleli uyangiqinela ezintweni eziningi futhi kodwa, ayyyyy uzongikhulumisa okuningi kanti uyakuhlonipha."

Mlu:"Ngiyazi mina ngijabula makajabulile banoMduduzo."

Ahleke kancane uScelo

Scelo:"Baze bakunika negama."

Mlu:"Labantwana senginelinye igama?"

Scelo:"Mhlawumbe yilona leli olaziyo."

Mlu:"Liphi leli lastarring?"

Ahleke uScelo

Scelo:"Kuyacaca maningi amagama onawo."

Behlike  emotweni uMlungisi elokhu encenga ukuthi amutshele legama……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Ukusa kwabonwa uMama kaScelo bamuphelezela kuyobona ukuthi akonakalanga kwakhe, bathola konke kukahle kumosheke ngaphandle nje amacembe ezihlahla agcwele lonke lebala. USmanga noThami bamufake kahle endlini bamenzele akufunayo bahambe.

Mkhaliphi:"Uyazi nkosikazi umkhwenyane kaSphelelo uhamba nokukhanya uyalubona ushintsho kumadodana akho?"

MaMkhaliphi:"Ngiyababona ngiyathemba akusiwo umlilo wamaphepha njalo kumele bakhule ikakhulukazi uSmanga."

Mkhaliphi:"UBabalwa yena sizothini ngaye."

MaMkhaliphi:"Mina ngayikhulisa indodakazi yakho yona yabona ukuthi ilandele unina wayo."

Mkhaliphi:"Ngiyaxolisa nkosikazi yami ngabo bonke ubuhlungu engakwenza bona."

MaMkhaliphi:"Sekwandlula baba."

Mkhaliphi:"Mangibona uBabalwa enza lowa mhlolo ngivele ngakhumbula konke engakusho kuwe amagama bengikuthuka ngawo kanye nokungaluhloniphi."

MaMkhaliphi:"Kahle ngehaba sekwandlula baba nakhu ngaphinde ngakuzalela ezinye izingane emva kwaBabalwa ukukhomba ukuthi ngixolile."

Amoyizele uMkhaliphi ayogaxa umkakhe ome eziko

Mkhaliphi:"Unomoya omuhle ngiyabona noSphelelo ukufuzile."

MaMkhaliphi:"Lowo kumele akhule nje aqine futhi kepha ngixolile mangibona labangani bomkhwenyane bazomuqinisa idolo."

Mkhaliphi:"Ngiyakuthanda mntakwethu."

MaMkhaliphi:"Kahle baba isemini manje futhi ayabuya lamadodana akho."

Mkhaliphi:"Kanti ngitheni mina ngoba ngithi ngiyakuthanda."

MaMkhaliphi:"Ngiyakwazi wena baba ngathi uyakhohlwa nje."

Bahleke bahagane lapho baphazanyiswe ukuvuleka komnyango kungene uThami noSmanga bayazixoxela nje abanakanga lutho. Kukhale ucingo lukaThami alubambe.

Thami:"Come in."

Thobile:"Hhey wena mfana ulubamba njani ucingo?"

Athuke uThami bandla aze akhumule isigqoko

Thami:"Ahhh ngiyaxolisa sister."

Thobile:"Lalela mfanami ngikhulumile nomyeni wami njengoba ngithembisile akusiye umuntu osheshayo ukuthemba umuntu, kodwa uvumile.  Ngifuna ulungise izinto zakho nemiphumela konke ngiyeza kusasa ngizondlula lapho mangihambisa ingane yami kamkhulu wayo. Ngizojika nawe uma usazimisele ukushintsha impilo yakho, uzohlala nomndeni wami size sikutholele indawo yokuhlala kepha isikole sengisitholile ngala."

Eme.ngezinyawo uThami amangalele losesi omsizayo ngokwempela ngokushesha okungaka futhi. Akakatsheli nabazali bakhe.

Thami:"Ahhhh sis Thobile angazi ngithini."

Thobile:"Ungasho lutho wena uzongijabulisa ngokuziphatha kahle ufunde usele ngonyaka owodwa uzimisele. Angikhulumeli imali ngikhulumela kuthi ukhone ukwenza abazali bakho baziqhenye ngawe."

Thami:"Ngiyezwa sisi manje nje ngizokhuluma nobaba bese ngiyolungisa."

Aluvale uThami ahage umawakhe bonke sebamangele bamubukile.

Thami:"Baba angazi ngiqale ngakuphi."

Mkhaliphi:"Khuluma ungalokhu usigwinyisa amathe kwenzenjani."

Thami:"Usis Thobile lo esahamba naye kuyolanda umaMakhulukhulu saxoxa kancane ngempilo ngase ngimtshela ukuthi ngayeka ekolishi ngiyazisola. Wathi uzongihlanganisela nomyeni wakhe ungummeli manje uthi sekangitholele ikolishi mina kumele ngilungise izinto zami."

Mkaliphi:"Hayibo nawu umhlolo manje uzokufaka ekolishi into yanini leyo?"

Thami:"Baba uyeza kusasa uthi uzojika nami masengilungise konke."

Smanga:"Haaaa mfana hamba uyolungisa."

MaMkahliphi:"Kahleni boSmanga yindodana yakho lena na sohle uvumile, uhlala kuphi yena lo okusizayo?"

Thami:"EmaHlubini uyindlovukazi yakhona."

Bamangale abazali bakhe

Mkhaliphi:"Ndodana indlovukazi ngeke ikubizele ukuthi igange ngawe ngempela izokunika umsebenzi ungafiki umoshe le."

MaMkhaliphi:"Manje ingane yami izohlala kude le la engingakaze ngifike khona, awekho amanye amakolishi nkosi yami njengala ubufunda khona eduzane."

Smanga:"Kahle ma ngehaba phela ukhulume nezikhulu zasezweni lakhe yingakho kusheshile nje kumele nidonse indodana yenu ngendlebe kuthi angafiki abhede le azimisele uzoshesha nokuthola umsebenzi makathi inkosi ingummeli."

Thami:"Ngeke ngimoshe bazali bami ngiyathembisa."

MaMkhaliphi:"Udlalele ekudeni nentsangu ndodana ngiyakucela."

Thami:"Mama angisayazi nokuthi igoqwa kanjani."

Ahambe ayolungisa amaphepha akhe vele aze ashayele noSphelelo ucingo amazise naye amujabulele aphinde amutshele ukuthi aziphathe kahle. Alungise aze aqede konke awashe ne zimpahla unina amusize nangoku ayina bapake.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMADLOKOVU🌼

UMadlokovu sekahlala anakekele inyoka eqeda kuvela ubuye aphume nayo ayoyifaka emanzini ngaphandle la kukhona imamba enkulu. Nayo lemamba seyiyabonisa ukuphila amandla sewayabuya kuyo. UZodwa uphaphamile naye wabona okwenzekayo noma inyoka imuncela akukho angakwenza.

Sekakhumbule umndeni wakhe ngisho usesi wakhe lo angamufuni amuthathela indoda. Uyancenga ngaphakathi kuye kuthi amthole amkhulekele ngoba akasakhoni, uyazisola ngokufuna konke kube okwakhe aze abe nenhliziyo embi ngalohlobo.

Sekaqeda kugeza uMadlokovu ungaphandle kumele adle ngoba uyalamba kakhulu futhi lento imuncela kakhulu ize iyazi ukuthi ungumawayo ngoba ihlala iceleni kwakhe noma izithandele emlenzeni wakhe.

NoMadlokovu makayithatha kubanzima kuthi isuke uyayilutha ngokuthile izolokhu imlandelake baze bafike emanzini ngaphandle.

Athi asapheka nje azodla ezwe seyikhuphuka ngomlenze wakhe indlule okhalweni iqhamukele entanyeni ifike imubuke ebusweni.

Uyayazi noma imoyizela kepha yena akamoyizeli neze uyacasuka sekuwukuzenzisa nje kuthi angathukutheli uMandlokovu. Namanje imubuke ebusweni imoyizele ibeke ubuso bayo esihlathini sikaZodwa ikhiphe nolwimi.

Madlokovu:”Iyakuthanda yazi kuzobanzima ukuyisusa kuwe.”

Zodwa:”Ngiyabona nami.”

Madlokovu:”Wena awujabulanga.”

Zodwa:”Angazi.”

Madlokovu:”Sala soxola wamukele isimo Ntomb'zodwa wena ungowethu ukunye nathi futhi.”

Zodwa:"Ngifuna ukubona uButhelezi."

Madlokovu:"Ngeke kubelula kuthi ngikuvezele yena ngoba akekho ebumnyameni angimtholi."

Zodwa:"Usho ukuthini mawuthi akekho ebumnyameni."

Madlokovu:"Kungenzenga sekayakhuleka uhlanzekile, ungcwele akatholakali akabonakali nangokhalo."

Zodwa:"Indodana yami?"

Madlokovu:"Nayi emhlane indodana yakho ungalokhu ubuza ngalabo bantu ngoba uzothukuthelisa uSkhondlakhondla, uzazi kunguye yedwa indodana yakhe."

Zodwa:"Wangithembisa ukuthi uzongikhulula ngihambe."

Madlokovu:"Bengingazi ukuthi inyoka izokukhonza kanje."

Nayo ilokhu izithandele kuye uZodwa igazi lize libaleke kepha kumele aziqinise adle aqede.

Zodwa:"Uyazi angikhoni nokulala mina ngenxa yalenyoka."

Madlokovu:"Indodana yakho leyo  igama layo uSkhondlakhondla khawula kumubiza ngenyoka."

Uhlala akhala uZodwa uskhondlakhondla amukhothe izinyembezi yona iyamuthanda unina wayo, enqondweni kaMadlokovu ufuna kuyiqalisa ayiqeqeshele ekwenzeni umkhuba wobuthakathi manje kusenesikhathi. Maseyiqinile uzobulala uZodwa ngoba lothando lwalenyoka lungamosha amacebo amaningi akhe.

Zodwa:”Ngicela uyithathe ngifuna ukulala nje.”

Asukume azame koyithatha iziqinise uZodwa makakhala kuthi iyamuqinsa ithuke inyoka iziqhaqhe ngokushesha imubheke ngamehlo athambile.

Madlokovu:”Hamba uyolala nayo izolala celeni kwakho njengonina nengane yakhe.

Zodwa:”Nxxxx ngiyakuzonda wena mthakathi ndini kungani ungizalise inyoka?”

Madlokovu:”Hhey ungazongihlolela wafika la wathi ufuna kuravazwa ngazidelisa ngawe ngase ngikumukisa kubaba waskhondlakhondla naye wazidelisa ngawe. Bese akufuna njalo aze aphume emanzini azokuravazela la endlini yingakho uthole uskhondlakhondla.”

Akhale kakhulu uZodwa

Zodwa:”Ubungilalisa nenyoka Madlokovu awunayo inhliziyo.”

Ahleke uMadlokovu

Madlokovu:”Wena unayo na ngoba wakwazi kuthatha indoda yasesi wakho, fuseg la hamba uyolala uyanginyanyisa ulokhu uchiphiza.”

Idineke inyoka noMadlokovu ayibone imukhamisele ize ikhiphe ulimi ibheke ngakuMadlokovu abone naye ukuthi ngeke akhone ukumbulala kalula uZodwa. Kumele asheshe amubulale lenyoka isencane izokhohlwa nguyena.

Afike egunjini lakhe alale uZodwa igibele naye ingene ngaphakathi kwelokwe lakhe imuhambe emzimbeni indlule phakathi kwamabele iyoqhamukela esifubeni ikhiphe ikhanda nayo ilale lapho. Ilokhu imusula izinyembezi ngolwimi lwayo, akhale aze azumeke uZodwa.

Aphuphe ehlezi nabosezi bakhe ababili badlala kamnandi kukuhle nje ilanga libalele abazali babo bahlezi phansi komthunzi welanga. Intokozo ekulephupho ize imumoyizelise elele, badlale ezwe sekukhala uNelisiwe basukume bagijima bamufice edliwa inyoka yona le eyingane yakhe. Akhale futhi ephusheni lapho amemeze aze aphaphame......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

NGAKUSASA 🌼

THAMI🌼

Angilalanga nakancane ngicabanga ngempilo yami, sengikhulile ngempela ubhuti Themba ungihalisile ngempilo emnandi ayiphilayo. Ngeke ngiliyeke lethuba okwamantombazane ngiyazi akhona maningi mahle futhi kodwa ngeke ngivume angichithele iskhathi sami lewi engadlala ngaso.

Phela manje kube sengiyasebenza. UsisThobile uthe uzofika ekuseni ngoba uyoqala amukise ingane yakhe kwamkhulu wayo bese sihamba sonke ukuya eMahlubini.

Mama:"Thamsanqa vuka baba seyifikile indlovukazi."

Ngimuvulele bandla umawami amehlo abomvu ngiyazi uthukile akafuni ngami. Ngiyazi ukuthi mina ngiyilendodana angafuni ngayo kepha ngenza ngathi angiboni uSmanga yena uhlezi asho kuncono akanandaba ngoba ukhulile futhi uhlala asezindaweni zakhe.

Mama:"Ndodana ngishawa uvalo uyazwisisa ukuthi uyohlala ebukhosini ngicela ungafiki ubhemane nentsangu lapho."

Umawami bandla

Mina:"Ngeke mama ngiyathembisa futhi ngizokwenza uziqhenye ngendodana yakho oyikhonzile."

Siphume ngikhiye umnyango sengidonsa nesikhwama nginike umama ukhiye wami singene endlini ngempela ufikile losesi. Ngibingelele amoyizele

SisThobile:"Usukulungele kuyoqondisa impilo yakho?"

Mina:"Eya ngikulungele."

Baba:"Mkhaliphi senze siziqhente ngawe futhi izindlela zakho zizokhanya nakhu ulandwe indlovukazi esuka kude le."

Mama:"Ngane yami yini ekuthintile kuye?"

SisThobile:"Inhlakanipho yakhe nenhlonipho."

Mama:"Umyeni wakho ngeke abe nenkinga?"

SisThobile:"Umyeni wami akusumuntu osheshe athembe umuntu yena uzozenzela kuthi amuthembe, kepha ungivumele ukuthi azohlala nathi size simtholele indawo elahle yokuhlala."

Asukume umama athi sikhuleke ngempela bangikhulekele uyabona mina neh.

Ngihlakaniphile kakhulu futhi nalenkathi sengiduka ngiqala ukweyisa angikaze ngibe namandla okunqaba umama makathi uyangikhulekela. Noma angena ngale egunjini lami angibambe ngibhemile abengikhulekela ngiswabe ngithule duu noma ngifuna ukubhema futhi bengihlezi ngicabanga yena. Mabaqeda ngixhawule ubaba naye ubhlungu noma angabonisi

Baba:"Ubuye neziqu ndodana hamba kahle Mkhaliphi."

Mina:"Usale kahle Mkhaliphi."

Mangisondela kumama uyakhala bandla ngize ngidabuke, yilezinyembezi ezizongenza ngiqonde angisafuni kuphoxa umawami. Ngimuhage

Mina:"Mama ngizobuya ngiyilendodana obuhlala uyikhulekela mihla. Kungenxa yemikhuleko yakho kuthi ngigcine ngihluzile la ekhanda ngizobuya ngizifezile izithembiso zami, ngizokwenza ufakaze enkonzweni ngendodana yakho."

Angiqinise kakhulu nami sengifikelwa izinyembezi manje.

SisThobile:"Ncooooo waze wakhuluma kamnandi ungabaphoxi abazali bakho nami futhi ungangiphoxi ngoba umyeni wami uyodineka kabi. Uzobuya ma umfanakho neziqu mhlawumbe nomakoti."

Bahleke mina ngingasho lutho ngoba lokho akukho,nje emqondweni wami masiphuma aqhamuke uSmanga ahefuzela.

Smanga:"Ngaze ngajabula ngakufica bongeke uhambe ngingakakuboni."

Baba:"Ubuyaphi kanti?"

Smanga:"Ngizokutshela baba, ntwana yami uziphathe kahle nakhu okuncane."

Anginike isikhwama esincane mangithi ngiyasivula.

Smanga:"Ungavuli kumele kubone amehlo akho kuphela."

Mina:"Ngiyabonga mfo, ngicela ubheke bomama."

Smanga:"Khululeka ngibabhekile."

Athathe iskhwama sami samasondo asidonse siye  emotweni lemoto bayajabula abantu abaphila kamnandi buka nje uhamba ngani losesi. Avule ngemuva uSmanga afake iskhwama sami ngiphinde ngihage umama manje sekakhala kabuhlungu. Ngivule imoto ngemuva ngingene ngibuke abazali bami kanye nomfowethu. Ubaba abambe umama amuqamelise kuye bayibuke imoto ize isithele Ingqondo khani ibuya kukhona ohlezi la emotweni ufake ama earphones uthwele nesigqoko. Ashayele usisThobile masesiphakathi nendlela.

"I need something to drink."

Ngidinga okokuphuza.

SisThobile:"Nqobile I told you  to take everything  you will need you know very well I don't like to stop everywhere."

(Nqobile ngikutshelile ukuthi thatha konke ozokudinga uyazi angithandi mina kuhamba ngima la endleleni)

Nqobile:"I was not thirsty then mom im thirsty now."

(Bengingomanga ngaleso sikhathi ngome manje.)

Ezinye izingane ziyajabula inkosi ekhaya ngeke ukhulume kanje nomuntu omdala ungahlangana nenye impama. Kukhale ucingo lwami uma angibuze ukuthi ngikahle sifike sime egaraji akhiphe imali amunike.

Nqobile:"Cant this garden boy or hitman go and buy sparkling lemon water for me."

(Ngeke lonongadi noma inkabi ihambe yongithengela amanzi elemon.)

SisThobile:"NQOBILE."

Nqobile:"What ma im asking."

(Yini ma ngiyabuza)

SisThobile:"Apologise now."

(Xolisa manje)

Nqobile:"Mom come on."

SisThobile:"NOW."

Nqobile:"Sorry."

SisThobile:"His name is Thami."

Nqobile:"Can he go now?"

(Angahamba manje)

SisThobile:"I will go."

Azithulele lomntwana achofoze ucingo lwakhe ngimangale yazi

Mina:"Cha sisThobile ngizokuya ungahambi."

SisThobile:"Ngifuna ukuya endlini encane vele."

Mina:"Still akukho kahle ngizoya mina, wena hamba uye.endlini encane."

Anginike amanzi angichazele lawo manzi anjani, lengane iyeyisa yooo noma itotosiwe na, ngehlike ngiyothenga lawo manzi elemon. Ngiqala ngiwacinge ngize ngibuze bangikhombe ngithathe newami amanzi.

Masengikhokha ngiyamubona usisThobile angena emotweni ngiqede kukhokha ngiphume. Ngingene ngingakahlali nakahle

Nqobile:"Hhey hitman didn't I specifically tell you what kind of water I want not those testeless water you came with."

(Hhey nkabi azange ngikutshele kahle ukuthi ngifuna nhloboni yamanzi ngoba ungithengela lawo aduma nje)

Lengane iyadelela ngempela umawakhe ngiyambona sekanamahloni ngimunike ewakhe awathathe akangibheki nokungibheka awathathe. Luqhubeke uhambo size sifike kwelinye ikhaya elikhulu elihle nje yoooo ngihlale ngingehli.

SisThobile:"Ngeke sihlale Thami ngicela ungehlisele leskhwama sakhe esikhulu."

Nqobile:"No ways I don't want filthy hands on my bag mom I will take it myself."

(Wuuu angifune zandla ezincolile eskhwameni sami ngizozithathela mina.)

Ngehlike ngoba ngiyazi esami siphambile mangibamba imoto kuthi ngisheshe ngikhiphe esami naye aqhamuke kolunye uhlangothi. Adonse esakhe singadonseki siyasinda sikhulu.

Mina:"Ngicela kukusiza ntokazi."

Aphenduke angibheke wuuu bandla ngigexelwe amadolo lengane edelelayo yinhle Nkosi yami, ngikhohlwe nokuthi besengicikekile ukweyisa umawakhe. Sibhekane unamehlo amakhulu angakhanyisa ebumnyameni ngendlela amhlophe ngakhona.

Ikhala lincane umlomo nawo ulingene unebala ngaphansi kodebe lwangaphansi. Agobe umlomo wakhe ngathi uyawuluma ngifikelwe ukushisa ngize ngisuse ukepisi engiwugqokile angazi noma sengijulukiswa yiwona.

Nakhu ngihluleka ukuphefumula naye akasasuki ungibhekile nami ngimubhekile konke kuyanyakaza kimi angiyazi lento eyenzekayo kimi. Ngizile ngifise nokuqabula lomlomo ngisabe nokwehlisa amehlo ngoba ngibulawe ubuso nje qha.

Nqobile:"Hitman please let go of my arm."

(Nkabi ngicela uyeke ingalo yami.)

Ohhhh Mkhululi wakoMkhaliphi ngiyibambe nini ingalo yakhe ngiyibambe futhi kwale kuthi ngiyiyeke. Ngiyazizwa ngiyaqhaqhazela ngaphakathi emathunjini okumangazayo naye akabonakalisi ukuqina nokidelela bekayiko.

Lamahlo angibuka athambile yazi ngingahlala usuku lonke ngimubukile, muhle akukho ngisho ishashaza elilodwa ebusweni bakhe ngizithole sengisina ngedwa amoyizele naye kuthi faca ezihlathini. Siphazanyiswe iphimbo elibhodlayo emva kwethu

"Nqobile."

Ngithuke ngiphenduke ubaba osokhulile ngamubona emshadweni kaSphelelo futhi wayehlezi nabobaba nabanye bobaba, angalingana nobaba. Angibheke eside isikhathi ngibheke phansi ngingasazi ngibhekephi ngoba ungibheke ngqo. Unalamehlo aNqobile kodwa ewakhe awamahle njengewaNqobile.

Nqobile:"Mkhulu."

"Hamba endlini."

Nqobile:"Mkhulu i was taking my suitcase."

"Ngithe hamba uye endlini."

Asuke ngejubane kuyacaca uyamusaba umkhulu wakhe ngimubheke ngokumtshontsha ayongena endlini, asale angibhekile kabi umkhulu wakhe.

Mkhulu:"Ungowakabani?"

Mina:"Mkhaliphi"

Mkhulu:"Uneminyaka emingakhi?"

Mina:”21.”

Anikine ikhanda

Mkhulu:”Nguwena lo oya ebukhosini kuyoqedisa izifundo zakho?”

Mina:”Eya mkhulu yimina.”

Kuqhamuke usisThobile nomunye ubhuti umugaxile bafike beme phambi kwethu naye angibheke kabi ufana nomkhulu.

SisThobile:”Baby nguyena Thami lona bengikutshela ngaye.”

Angibuke avume ngekhanda angasho lutho abheke umkhulu nangoke abuya futhi uNqobile eme celeni kwababakhe.

“Angifuni kuzwa izindaba la uziphathe kahle.”

Nqobile:”Yes daddy.”

“Baba ithi sihambe sinde lendlela.”

Mkhulu:”Kulungile ndodana nihambe kahle, nawe Mkhaliphi.”

Mina:”Ngiyabonga mkhulu nisale kahle.”

“Mkhulu:”Khipha lesikhwama usifake endlini.”

Ngisidonse ngisikhiphe ngisibeke phansi

Mkhulu:”Endlini.”

Ngisiphakamise ngiyongena endlini ngisibeke phansi mangithi ngiyaphenduka nangu uNqobile emva kwami. Mangisathi ngigeza amehlo kokugcina aqhamuke futhi umkhulu ngibheke phansi angibheke.

Mkhulu:"Hamba uyofunda uziphe igama ngoba makungenjalo yzokubulala nya ubaba wakhe nyaaaaa."

Makasho,njalo ngiyabona uqinsile akahleki ngisabe nokumbheka futhi ngiphume ngingene emotweni uvalo ungafunga kuthi kunomjaho wamahhashi esifubeni sami. Angiyazi,into enjena mina ihambe njalo imoto seyibheke la ngingazi khona, NQOBILE NQOBILE NQOBILE……

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 62🌼

(Inamaphutha boswty im sorry angisayilungisanga (unedited)

Mababuya esbhedlela akekho wayefuna kukhuluma bebekhathele bonke uNtwenhle asale emotweni noScelo namanje akakazi athini kuye.

Ntwenhle:"Ungubani Scelo?"

Amubheke uScelo amoyizele athathe isandla sakhe asibambe.

Scelo:"Ngiwulo Scelo omaziyo owamulandela esbhedlela ngoba umuzwelile."

Ntwenhle:"Cha awusinguye."

Amuxoxele indaba yakhe yonke nalomndeni owadlala ngaye aqede sekamangele uNtwenhle.

Ntwenhle:"Kungani ubungangixoxeli?"

Scelo:"Bengingazi ngithini futhi bengingenalo ithemba lokuthi ngiyoke ngibuyiselwe amaphepha ami abodokotela emva kokuqanjelwa amanga kanje. Besekufana nephupho kimi elingekho, kwaze kwaba usuku la ubaba wakho akhuluma nami. Amagama akhe angiqhaqha lobuthongo kuthi angikwazi kukhamisa  ngiyolwela iziqu zami. Ngaba nenhlanhlake ngahlangana nalomndeni bengihlala nawo bangisiza."

Ntwenhle:"Yazi namuhla ungimangazile ngihanjelwe namagama."

Scelo:"Ubaba uzoba kahle khululeka nje ulungise nalekuku yami ngifile indlala."

Ntwenhle:"Hayisuka Scelo unani na?"

Scelo:"Ngiqinsile."

Amusondeze baqabulane eside isikhathi

Scelo:"Shit  ithi ngihambe."

Ntwenhle:"Hawu awulali kanti?"

Scelo:"Ngikhathazekile ngomama ngeke bufike ubuthongo, wena hlala nje ngizobuya  kusasa ngizobona ubaba."

Ntwenhle:"Kulungile sizobonana kusasake ngiyakuthanda."

Scelo:"Uthandwa yimina."

Aphume emotweni uNtwenhle avele ngefastela uScelo.

Scelo:"Enhle."

Abheke emuva

Scelo:"Uqeda nini ukugula?"

Ahleke uNtwenhle

Ntwenhle:"Ayyy hamba kini Scelo."

Scelo:"Ngiyafa la."

Ntwenhle:"Ngakhathazeki ngizokunika ngendlela ofuna ngayo masengikahle."

Scelo:"Ngiyakuthanda ulale kahle ungakhathazeki ngobaba uzoba kahle."

Ntwenhle:"Umyeni wami umuqaphile ubaba angikhathazekanga."

Scelo:"Uyakhulumake."

Ayisuse uNtwenhle asale angena endlini  bonke baphansi nje bayadla

Mlu:"Haeu uphi uScelo?"

Ntwenhle:"Uthe ukhathazekile ngomawakhe ngenxa yalesimo sezulu."

Bamubheke ngokumangala bonke

Mdu:"Umawakhe?"

Ntwenhle:"Umama Scelo umam Makhulukhulu lo engihlala ngiya kuye."

Bamangale ikakhulukazi umaBiyela

MaBiyela:"Nginesiqiniseko manje ukuthi ubambo lwakho lomfana indaba yenu iyamangaza."

Mlu:"Asambe siyolala ndlovukazi siz9nib9na ekuseni."

MaButhelezi:"Umulethe ngapha ngehora lesithupha ekuseni sizokhuleka."

Mlu:"Kulungile ma."

Basukume uNokubonga ayohaga abazali bakhe bahambe, bonke abasendlini bahambe bayolala umaBiyela abone ukuthi uGabsile kudala aye egunjini lakhe azange ahlale nabo nje mababuya esbhedlela. Aye egunjini lakhe amufice asengubeni kepha angavalanga amehlo.

MaBiyela:"Nginganena?:

Gabi:"Ngena ma."

Asondele amubone bekakhala ahlale celeni kwakhe embhedeni avuke noGabsile ahlale ngezinqe.

MaBiyela:"Nkosazana ukahle?"

Anikine ikhanda uGabsile izinyembezi  zehle zilandelana

Gabi:"Angikhuliswanga abazali bami bobabili manje sengithola ubaba sekavelelwa into enjena ma ngithukile."

MaBiyela:"Nkosazana ubaba uzobakahle uqinile ubabakho."

Gabi:"Ngizwa ngisaba kakhulu."

MaBiyela:"Udinga umawakho?"

Gabi:"Nginakho kumucabanga kepha mangikhumbula ukuthi wanikela ngami ngifikelwa ukumthukuthelela ngizitshele kuthi akahlale yedwa angenangane anjalo."

MaBiyela:"Khulula inhliziyo ngane yami mzukwana uya le esokeni lakho uhambe uyomubona umawakho, umxolele futhi yena wayengazi ukuthi kuyogcina kunje abezutshela kuthi uyakuphephisa ubaba wakho bekazonibulala ukube wakuthola. Umawakho wakuvikela yehlisa umoya sthandwa sami."

Avume ngekhanda uGabsile asukune umaBiyela makafika emnyango

Gabi:"Mama."

Aphenduke amubheke

Gabi:"Ngiyabonga."

Amoyizele aphume naye aye egunjini labo makangena naye aphathwe umzwangedwa kudlale konke okwenzeke kumyeni wakhe ekhanda. Akhale umaBiyela aze azumeke nakhona ubuthongo obuncane ulele ngathi ubhekile ngoba uwuzwa wonke umsindo nje…….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWANCANE 🌼

Babalwa:"Ncane kodwa uzolokhu ungithukuthelele kuze kube yinini?"

Ncane:"Uyayifuna kahle kahle impunelelo?"

Babalwa:"Ngiyayifuna."

Ncane:"Cha awuyifuni ubuvumelani okwenzile?"

Babalwa:"Wababona labantu kuthi bebakhuleka."

Ncane:"Noma bangakhuleka ngezilimi kepha akukho bebazokubona wena bekumele uqine."

Athule uBabalwa

Babalwa:"Manje ngenzenjani?"

Ncane:"Kumele sithole umuthi ozovimba uSphe angalinge akhulelwe lpkho,kuzobaxabanisa."

Babalwa:"Wona lowo muthi uzonikwa kanjani ngoba ngiyacabanga nje elhaya abangifisi bonke."

Ncane:"Yingakho kumele siye kwenye inyanga enamandla kunale yami, kudala angisebenza kepha manje sekayaphupha akasashayi,khona."

Babalwa:"Sizoyitholaphi inyanga enamandla?"

Ncane:"Kukhona ehlala ngale celeni komfula lo onamandla ngike ngezwa kukhulunywa ngaye noma kusekudeni kancane nje kwakhe."

Babalwa:"Sengiyozwa ngawe mamncane."

Ncane:"Okwamanje mina ngicabanga ukuthi uyoxolisa kini bazozitshela ukuthi umkhulekp,usebenzile ubancenge ulunge uvume konke abathi kwenze."

Babalwa:"Ubala lolo ncane kusasa nje ngivukela khona."

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Sambulo🌼

Ukuzwa uGabsile wakhe ekhala ocingweni lumuthusile kwamukhathaza kakhulu. UThemba ukuhoneymoon futhi uhlala amusiza manje akakwazi kumuphazamisa. Akakwazi futhi kushiya nje aze acabange ubhuti wakhe omncane uBonga. Afise kube uduzane abezomunika ithiba ngoba nakhu ubonisa ukushintsha selokhu ehlala nalomndeni wenceku. Athathe ucingo aluchofoze

Gabi:"Baby."

Sambulo:"Mamakhe unjani?"

Gabi:"Sengikahle yazi selokhu umama akhulumile nami."

Sambulo:"Ngibuhlungu tazi ukuthi ngikude, ngicabanga nokuvala kusasa."

Gabi:"Ubaba ubonisa ukuqina ungavali silahlekelwe imali kanti nami ngikahle nginomndeni wonke."

Sambulo:"Ngiyakuzwa ngicela mawufika esbhedlela umtshele ubaba ukuthi ngicela avuke azokwazi ukwamukela izimfanelo zakhe."

Gabi:"Awazi wajabula kanjani mangimunika incwadi."

Sambulo:"Uzophaphama sthandwa sami nawe ungasakhali phela ungenza ngizizwe ngathi angiyindoda yalutho ngoba ngikude nawe."

Gabi:"Ukufisa kwakho nje ukuba duzane nami yikhona okungenza ngibenomdlandla wokuthi ngiqine, kusasa ngeke ngisakhala."

Sambulo:"Hawu mawuthi kusasa namuhla uzobe usakhala kanti?"

Gabi:"Ngikhala kokugcina namuhla."

Bahleke bobabili

Gabi:"Ithi ngilale sthandwa ngishawa ikhanda."

Sambulo:"Uyabonake kodwa uthi ngingezi ngapha ungitshela ngamakhanda abuhlungu."

Gabi:"Ikhanda lokukhala sthandwa sami alibalulekanga kangako. Phela mawuza manje uMlungisi masekabekwa ngeke ukhone ukuza kanti mina ngifuna ukuvunula nawe duzane nami."

Sambulo:"Kulungile sthandwa sami ulale kahle."

Gabi:"Ulale kahle myeni wami, hayibo yima."

Sambulo:”Ngilalele.”

Gabi:”Yazi umuntu waNtwenhle lo bekahlala amukhalela engakuxoxela bgaye yazi uScelo.”

Sambulo:”UScelo thandazo?”

Ahleke uGabsile

Gabi:”Eya lowo umsebenzi awenzile futhi ngokusindisa ubaba uyancomeka bandla.”

Sambulo:”Lomhlaba muncane kumele bgisheshe nje kungaze kuqhamuke isoka lakho lakudala bese ufuna kubuyela kulo lingithathele wena.”

Gabi:”Kahle sthandwa sami ngehaba hawu akunasoka elizongithatha la mina nginoMbulo wami engingafuni ngaye.”

Sambulo:”Kwathi cosololo kuzwa lokho ngiyakuthanda nkosazana, ngijahile ngizaze ngiyokulobola kubaba esbhedlela ngeke phela.”

Gabi:”Ubhemeni kanti wahhema kangaka.”

Sambulo:”Ngifuna ukuzwa uhleko lwakho.”

Bavalelisane alale uGabi noSambulo sekaxolile usizwile isithandwa sakhe asisakhali…..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UThami wahamba noThobile benomyeni wakhe elokhu ethukile nje uyabona ubaba kaNqobile akabhenywa akasiyo nje intsango. Selokhu bagibele bonke akakasho lutho kuye akamubheki nakancane nje. Ulokhu uyazishayelela aphendule lokhu okukhulunywa inkosikazi yakhe, nayo inkosikazi yakhe ngathi ayisakhululekanga. UThami usaba nokusho ukuthi uphathekile.

Thobile:”Ukahle baby?”

Thabiso:”Sizokhuluma masifika ekhaya.”

Akuthuleke futhi kukhaleucingo lwaThami alubambe

Thami:”Ma.”

MaMkhaliphi:”Anikagiki ndodana?”

Thami:”Cha ma sisasendleleni.”

MaMkhaliphi:”Umama ukukhumbulile.”

Thami:"Nami ngikukhumbulile ma ngizokushayela masesifika lebattery lizophela nje kungekudala."

MaMkhaliphi:"Uyabonake ubukhalisa lezingoma zakho zokuduvuza yingakho unganalo ibattery."

Thami:"Khawula kubalisa ma."

MaMkhaliphi:"Kulungileke ndodana umama uyakuthanda uyezwa."

Thami:"Ngiyakuthanda nami ma."

Bavalelisane aluvale uThami

Thabiso:"Wena mfana ngoba ngathi ubuya ekhaya elikahle wayeka kanjani ekolishi ungaqedi?"

Thami:"Ngaphuma kancane nje endleleni."

Thabiso:"Manje usuzimisele?"

Thami:"Eya bhuti ngizimisele."

Thabiso:"Lalelake mina anginayo inhliziyo enhle njengomkami wenza iphutha elilodwa ngizokufaka indlela. Anginawo amabele okuncelisaumuntu omdala kangaka siyezwana?"

Athuke ome uThami abone nje ukuthi akakhohlwe uNqobile yize ingqondo yakhe igcwele ngaye

Thami:"Ngiyakuzwa bhuti."

Thabiso:"Angibekezeleli nabantu abafeyilayo mina ufunde uzimisele."

Thwmi:"Ngizofunda bhuti ngizimisele."

Baqhubeke ngohambo abone sebangena endaweni enezindlu seliyashona ilanga imizi iyashunqa intuthu, abone nje ukuthi uhamba nenkosi nendlovukazi ngoba naba abantu bayabahlonipha, baphajamisa izandla zabo babingelele baze bagobe, abesilisa bathula izigqoko noma bangababoni basemotweni. Luqhubeke ibangana uhambo baze baqhamukele esithabathabeni somuzi babavulele isango ongene imoto.

Mayima nje sekukhona abalindile ngaphandle abanye bavula iminyango zemoto abanye bathatha izikhwama ebhuthini. Abe namahloni uThami masebathatha isikhwama sakhe.

Thabiso:"Isikhwama sakhe sifakeni kulegumbi elingase sihlahleni sama avocado."

Thobile:"Myeni wami asime kancane kumele bamulungisele."

Anikine ikhanda uThabiso angasho lutho bangene endlini baye egunjini labo asale lapho emnyango angazi noma angene noma alinde lapho. Ahlale phezu kwesikhwama sakhe ngoba uyazizwa ukuthi  usaphathekile manje sekumqinisile ngoba sekamile. Athalaze akukho la angakhomba khona.eme kuze kuphele imizuzu eyishumi amathathu. Aqhamuke uThobile amangale kuthi ulinde ngaphandle inhlizoyo yakhe ize ibe buhlungu.

Thobile:”Hawu yehh3ni weThami ngena mina ngithi ula endlini.”

Thami:”Ngiyabonga sisi.”

Bangene adonse isikhwama sakhe asabe nokusihudula asiphakamise

Thobile:”Sishiye lapho bazokubonisa igumbi lakho.”

Thami:”Ngiyabonga.”

Angene mabayela endlini yokuphola nangu uThabiso nezandla emakhikhini ubabhekile uThami ashalazele ahlale la uThobile amukhomba khona.

Thabiso:”La uzele kuzofunda kuphela angifune macala ngisho icala lokuthi ubulaleintuthwane yamakhelwane. Ngifuna uhlale la ngathi awukho.”

Thami:”Ngiyezwa.”

Thabiso:”Hamba uyophumula kusasa uvuke ekuseni sizokuyisa ekolishi ozofunda kulo, ukhululeke makukhona la ofuna khona usizo ngomsebenzi wesikole, ngikhona.”

Thami:”Ngiyabonga.”

Thami:”Hambake uye egunjini ozolisebenzisa.”

Baboze esinye isisebenzi

“Nkosi yami.”

Thabiso:”Mukhombe kulegumbi  bekuyihhovisi khona kudala.”

Adonse iskhwama sakhe alandele isisebenzi, igumbi elivulekile kunelakhe liphelele futhi, isisebenzi sithi singaphuma agijimele endlini encane ayozikhulula. Acabange noAThabiso kuthi uyathusa kepha uyazitshela uzofunda kuncono uhlakaniphile sidalo……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

NQOBILE🌼

Ungangizwa kabi ugogo nomkhulu ngiyabathanda kepha indawo yabo ayijwayelekanga, mina ngizithandela ubabomncane uMandla. Umndeni wami mkhulu kakhulu bayathandana futhi kepha ubabncane Mandla haaaa uthatha ikhabhu. Okokuqala namuhla ngizizwa kabi ngenxa yento engiyikhulumile. Lowa mfana ngimubize ngonongadi njengabanye phela kulomndeni kuhlala kuzula izinkabi ngathi bahlala bagade impi nje. Manje masiya komlanda bengicabanga

ukuthi siya k9lands inkabi, kanti cha. Akasuki ekhanda lami makamoyizela ngibone amazinyo akhe ahlanzeke ngenye indlela amhlophe qhwa. Angimazi umfana onje ngaye ngishawe uvalo noma sekangithinta ingalo.

Umkhulu nayeke selokhu asibonile akahleki ungibheka ngalelihlo likababa mxm. Akunanike igama lami uNqobile Tshabalala ngizalwa nabobhuti ababili uMnqobi  noManqoba bafana nobaba kahle kahle ekhaya bafana bonke. Mina ngifana nomama amehlo nje amakhulu umama anganawo, nginomnyaka ewu17 ubaba wakubeka kwacaca ukuthi akafune mfana duze nami ngoba uzomubulala. Ngempela akamufunikubanzima noma kumele ngifunde kunye nabo akazwusisi.

Nhenhlanhla akukho mfana engike ngamubuka ngaleyo ndlela futhi nabo bayamusaba  ubaba abangisondeli nhlobo. Kuningi okwenzekayo ngomndeni wami engingakwazi benza isiqiniseko sokuthi angiboni lutho. Banokuhamba izinsuku bagqoke izimpahla ezimnyama sesabuza sakhathala. Bobhuti bami nabo bangigadile bayashaya futhi kepha ngiyabathanda. Umawami yoooo nginenhlanhla ngokuba nomama onjengaye. Angazi ngingamuchazs ngithini kepha uyikho konke wenza izinto zenzeke ubaba noma angaqinisa ikhanda kangakanani umama masekakhulume naye uyathamba.

Umama wangenza ngimuthembise ukuthi masekukhona umuntu engimthandayo ngimutshele manje lp engimubonile angazi noma ngiyamthands noma kanjani, ukuthi ulokhu asengqondweni yami nalokumoyizela kwakhe. Angimazi umfana onezinkophe ezinde kangaka ngathi ubabJabu. Uthanda nokuluma udebe lwakhe lwangezansi alukhothe futhi. Sengikhohlwen negama lakhe kepha cha ungidonsile. Ngibuhlungu nje ngoba nakhu ngizokwelulekwa ngapha inyanga yonke nje. Mayiphela lenyanga ngibuyela ekhaya.

Ngifeyile ugrade 10 futhi  ubaba bekuthi ahlanye bobhuti bami bobabili bakumatikuletsheni mina ngisele. Angikhoni kuqondisisa kuthi  kungani ngingakhoni kufunda ngiphase umama yena unesineke uyangifundisa nami ngiyazimisela kepha masekumele ngibhake angazi kwala kuphi. Sengize ngikhishiwe kuleskole  ngizoya kwesinye.  Angazi nje kuthi ngizokwelulekwa ini ngoba namo ngiyazihlola inkinga ikuphi angiyitholi akukho okungihluphayo ngihlala kahle nje.

Kukhale ucingo lwami mangilubueka umama

Mina:”Thobile.”

Ma:”Ukahle?”

Mina:”Ngikahle ma nina?”

Ma:”Sikahle, Nqobile lapho awuyanga kuthi uvakashele ubumnandi wenze konke umkhulu nogogo abathi kwenze. Uyasazi isimo sakho okumele usinqobe.”

Mina:”Mama ngihlala ngifunda angiyazi inkinga ngempela iba kuphi.”

Ma:”Kukhona ongasitsheli kona.”

Mina:"Ahhh whatever ma."

Ma:"Indlela yokukhuluma nami leyo Nqobile."

Mina:"Ngikhathele ngifuna kulala ma."

Ngiluvale angakaphenduli ngivale nocingo lwami kanti mina kungani ngivele ngaphenduka isiduphunga nje eskoleni. Ubabomkhulu naye akukho anagakubona ngami.  Mangicabanga lento ngifikelwa usizi lodwa nezinyembezi ziyazehlela manje kuncono ngilale......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMADLOKOVU🌼

UMadlokovu sekawuboohile umthwalo wakhe ulungisela uhambo okukudala alulinda nenyoka yalhe enkulu ehlala emanzini. Seyiphumile emanzini imulindile akukho vele ohambela ngala ngasemzinikaMadlokovu ngoba kuyasabeka. Angene endlini afice uSkhondlakhondla azigoqe celeni kwanina. Azame kumuthatha angayingeni leyo uyathukuthela nje, kungene nemamba enkulu

Madlokovu:"Indodana yakho ayifuni kuhamba,  ayifuni,kusuka kunina nje."

Isondele lemamba ikhothe uSkhondlakhondla mayithi iya kuZodwa aphakamise ikhanda uSkhondla akhiphe nolwimi  agxumele kunina babone ukuthi kumele bahambe naye uZodwa ngoba la abaya khona kufuneka amandla obumnyama akuye loSkhondlakhondla. UZodwa uthuke sekaze wajwayela ukungamemezi ngoba kuningi akubonayo kaMadlokovu akasamangali manje.

Madlokovu:"Sukuma sihambe Zodwa."

Zodwa:"Ungisaphi manje?"

Madlokovu:"Bengeke sihambe nawe manje nayi indodana yakho ayifuni kusuka kuwe buya."

Asukume uZodwa nenyoka yakhe imulandele angayibizanga baqonde emotweni bonke ashayele uMadlokovu. Uyathuka uZodwa makabona lemamba enkulu celeni kwakhe kepha akukho azokwenza.

Madlokovu:"Umndeni wakho lowo ohlezi nawo awukho omunye, mamba angazi,uzoyenza kanjani lento ngoba nayi indodana ayisuki."

Ukhuluma yedwa uMadlokovu kepha imamba ngathi iyamuzwa, masebafika kwammanye amanzi uSkhondlakhondla  uzumekile.

Madlokovu:"Ngizolinda ngaphandle uthathe amandla uqede ngoba mawungamukhipha emotweni uzophaphama lomfana wakhe."

Ingachithi sikhathi imamba ingene phakathi kwamathanga akaZodwa acimeze ngoba uyabona okuzokwenzeka. Noma seyimungena esithweni sakhe ehle izinyembezi angakhali kakhulu, abheke uMadlokovu ocosheme kude le celeni komfula ngathi akazi kwenzakalani. Amangale lemamba seyiqumusa okomuntu imenze umhlolo ize iqede uSkhondla alele  bese iyasuka

Madlokovu:"Buya Zodwa asikho isikhathi sokukhamisa lapho."

Ehlike sekanezinhlungu emva kwalento ayenziwe ilemamba ngempela makaphuma emotweni aphaphame uSkhondla wakhe. Lemamba enkulu seyimise okomuntu manje izifake emanzini noSkhondla ashone khona ujabulele amanzi

Madlokovu:"Uyabona ngoba abhukuda kulamanzi undodana wakho uzovusa wonke umndeni wami igazi lakhe thula ubheke imoi iyahlokoma."

Angaphenduli uZodwa azithulele uthe angaphuma emanzini uSkhondla waqala wanyakaza amanzi, kwabangathi kukhona okusuka phansi wavulela phakathi kwabonakala indawo eyomile engumgwaqo.

Madlokovu:"AAsingne."

Zodwa:"Ngeke ngingene la."

Madlokovu:"Izakuphinda futhi lemamba."

Bangene abambe uMadlokivu ngesandla ngenxa yovalo aqhamuke uSkhondla amuqaqe ayozithandela entanyeni yakhe kepha uqophelele. Mabandlula la emaceleni kuhlangana amathambo abonakalayo ukuthi labantu kudala bafa. Bahambe wonke lomgwaqo ovulekile bese baphumela  ngale bahlale  babuke.

Madlokovu:"MKHIZE VUKA NEZIDALO ZAKHO ISIKHATHI SIFIKILE"

Amemeze binke abavusayo kushintshe futhi kube munyama bhuqe nabi baze bangabonanai unyezi lo bobakhanyisela lungasabonakali kwalona. Kudume izulu kusuke umoya  futhi kepha  la abeme khona ungabibikho umoya. Uvunguze umoya  kubenjeya kuqale kuzwakale izigi kubengathi kuyazama zama emhlabeni. Athuke uZodwa kuqhamuke abantu abasabekayo abanye abanawo mehlo kepha bahamba beqondile, abaye babona ngaso linye.

Ekugcineni kuqhamuke inyoka enkulu ukundlula yona le ebimulala manje emotweni ikhiphe ulwimi ihambise amehlo mayiwafikisa kuZodwa imubheke bese ibheka uMadlokovu ibuyele emanzini.

Madlokovu:"Ngena emanzini Zodwa umkhulu Mporo ufuna usizo lwamandla."

NoSkhondla angabi nokulwa amuyeke unina angeneaze ayosithela amanzi alokhu egubheka eba nomsindo kuthe kusenjalo kwezwakala ukubhonga okukhulu kwaba munyama futhi labelesela

izulu nemamba ibhonge ize ithule. Bese iyaphuma  seyizizwa achazeke uMadlokovu, uZodwa yena uyakhala akasakhoni nokuphakamisa umlenze………

Mkhize:"MKHIZE IS BACK., ngisazosebenza manje ngokweqiniso

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 63🌼

KWABALOYI🌼

UMaBaloyi uzihlezele yedwa uyacabanga indodana yakhe ihambe nenkosikazi yayo bayozijabulisa ngomshado wabo. Kukhale ucingo alubambe.

MaBaloyi:"Hallow."

"Unjani ma?"

MaBaloyi:"Ahhhh ndodakazi yami ngiyaphila wena?"

Lungi:"Ngiyaphila ma, umama ufuna ukukhuluma nawe"

MaBaloyi:"Wena ukahle kodwa?"

Lungi:"Ngikahle ma sizokhuluma mawuqeda kukhuluma nomama."

MaBaloyi:"Kulungile ungamunika."

Amuzwe noma amutshela ukuthi nangu umawakhe.

MaBiyela:”Unjani sisi?"

MaBaloyi:”Ngiyaphila sisi singezwa nina.”

MaBiyela:”Hay siyancenga  yingakho ngikushayela nje.”

MaBaloyi:”Ngilalele"

MaBiyela:”Umyeni wami usesibhedlela ngenxa yenhliziyo yakhe, ngapha kuzobekwa indodana ishade futhi kulempelasonto esiya kuyo. Bengicela bandla ukuletha izingane angifuni,loswane luthinteke kulesiphithiphithi esikhona.”

MaBaloyi:”Hawu asikho nesidingo sokuthi ungicele lokho ndlovukazi.”

MaBiyela:”Ngiyabonga phela abathakathi bahlala baligadile ilanga lokubekwa kwenkosi manje angifuni machaphazelo kumzukulu wethu kanti nalo omdala wacishe waba umhlatshelo wobumnyama.”

MaBaloyi:”Khululeka ngizobabheka, yena uvumile na ngoba inkani kulomakoti wakho ithi mzala.”

MaBiyela:”Bayafana nomyeni wakhe kepha uyazwisisa manje ngiyacabanga ukhumbule nomawakhe.”

MaBaloyi:”Vele phela mawunoswane umufuna la umawakho.”

MaBiyela:”Ngiyabonga mkhozi wami nangu uLu usafuna kukhuluma nawe.”

Bavalelisane asale sekaxoxa noLunga bavumelane ngokuthi uzofika kusasa…..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMAM'MAKHULUKHULU🌼

UScelo wafica umawakhe akahle nje azipholele wabingelela

Scelo:”Bengikhathazekile ngawe ma ukahle?”

MaScelo:”Ndodana mina ngadoja ukufa phakathi komlilo umoya ubuyini na.”

Bahleke

Scelo:”Ubaba kaNtwenhle usesibhedlela iheart attack.”

MaScelo:”Hawu sekwenzenjani ngenkosi manje ohhhh amane aphile.”

Scelo:”Usezandleni ezikahle uzophila, ma ithi ngilale kancane ngikhathele kumele ngibuyele kuNtwenhle futhi.”

MaScelo:”Nina nidlisene nalenkosazana.”

Scelo:”Ukube uyazi ma mangiqala kuhlangana naye wayengicasula ngizibonela intombazane ephaphayo.”

Ahleke umawakhe

MaScelo:"Yazi ngiyayazi indodana yami ngangihlala ngisho njalo kuye ngithi wena ngeke umthande ngoba uyaphapha  futhi uzomutshela."

Amoyizele uScelo

Scelo:"Ngiyajabula ma ngokuthi umamukele, lesenzo sakhe sokukunakekela angazi ngisithini."

MaScelo:"Phela lesenzo sakhe siyinkomba ukuthi nina nihlanganiswe emazulwini, yazi ngizwa ngithanda nomama wengane yakho noma ngingamazi. Izenzo zakhe nje kuwe wakushiya nanengane wakuthanda nobaba wakhe noma kwabanzima nje."

Scelo:"Namanje angiqondisisi ukuthi kungani ahamba."

MaScelo:"Abantu abanye beza ezimpilweni zethu kuzodlala indima yabo bese bayahamba, abanye bazela kuzosiqinisa abanye kuzosipha okuhle, njengaye uMpilwenhle nje. Kuyacaca umawakhe  abezele  kuzokubambisaa ubunzima bempilo wakupha nesipho esinguMpilwenhle yena bese uyahamba."

Scelo:"Yingakho ngingaqondi kuthi wahambelani kanti sekuduzane empumelelweni phela mama ngahlupheka nalowa muntu. Namanje la kimi ngathi yimina obekumele afe endaweni yakhe bekungamele nje."

MaScelo:"Sale usundlulisa ndodana nangu uNtwenhle ukhona naye nezimanga zakhe, makangezwa ukuthi inhliziyo isalangazelela umufi umawengane ngeke kube munandi kuye, ngeke futhi aphinde akhululeke uyohlala ezibuya ukuthi ukahle for wena na?"

Scelo:"Ngiyakuzwa ma uNtwenhle ngiyamuthanda angingabazi lokhu kungumbuzo nje enginokuzibuza wona kepha angisakhali angisagxili kuko."

MaScelo:"Ave ngihalela kukubona unjani Celo , iphimbo lakho liya ngokufana nelikababa wakho."

Scelo:”Cha ma iphimbo lami alifani nhlobo nelababa, phela ubaba bekanephimbo elikhulu elibhodlayo elami lincane.”

MaScelo:"Yeeeeee ndodana, akusenani kodwa."

Scelo:"Kwenzenjani manje ngathi uyabalisa."

MaScelo:"Lutho ndodana lutho, awungitshele kuthi amehlo akho eme kanjani,  umlomo wona ungakanani, unamabatha na noma amagwegwe?"

Amoyizele uScelo

Scelo:"Nginamehlo alingene kahle kepha nginehlathi lamashiya. Umlomo nawo ulingene ukahle, anginawo amagwegwe kepha unyawo olulodwa lugugisa kakhulu isicathulo ngenxa yebatha."

MaScelo:"Sigugela ngakuphi isicathulo sakho?:

Scelo:"Eceleni esithendeni."

MaScelo:"Wamufuza wangamushiya nakancane."

Scelo:"Nakuwe ngikhona ma?"

MaScelo:"Hhayi kakhulu kodwa."

MaScelo:”Ahlangene amashiya akho?”

Scelo:”Ahlangene.”

MaScelo:”Ungubhungane angithi mashiya amahle.”

Amoyizele uScelo.

Scelo:”Ma ngisayolala.”

Kukhale ucingo lwakhe alubambe inimbolo angayazi.

Scelo:”Scelo hellow.”

Kukhulume iphimbo lowesifazane elizothile nje.

“Bhuti Scelo kunjani?”

Scelo:”Ngiyaphila sisi.”

“Igama lami uThobile ngike ngafika ekhaya  kumama emalangeni ngamthembisa ukubuya, bengisamufunela umuntu ongamusiza angazi noma sengiyaphaphalaza.”

Scelo:”Inombolo yami uyithathephi?”

Thobile:”Umyeni  wami uzithole kubhutThemba lo bekashada.”

Scelo:”Ohhhh ya ngiyamubona, manje usumtholile umuntu ozomusiza?”

Thobile:”Eya  inkinga useCuba futhi akafuni ukuza ngapha.”

Scelo:”Ingabe uyamazi lowo personally?”

Thobile:”Ngiyamazi futhi ngazi nabantu ake wabasiza abanenkinga enje ngekamama.”

Scelo:”Ohk ngamanye amagama uthi kumele ngibe nemali ngimulungisele amaphepha aye kulowo Cuba?”

Thobile:”Yes bhuti ngicela ungangabazi uma uncena ngoba ungangithembi asazani futhi iya kugoogle ucinge indlovukazi yasemahlubini Thobile Tshabalala uzothola konke ngami.

Ngicela usheshe kungiphendula bhuti ngoba ungumuntu omatasa ngezinto ezinjena.”

Scelo:”Usiphe luphi usuku?”

Thobile:”NgoMsombuluko kusho ukuthi  kumele ahambe ngoLwesine.”

Aphume uScelo eme ngaphandle

Scelo:”Ngeke ngithumele umama ahambe yedwa kuya kude kangaka.”

Thobile:”Scelo umama uzoba kahle ngicela ungithembe ukhulule inhliziyo uzobuya abona hle.”

Scelo:”Ngizokushayela manje.”

Thobile :”Ungathathi isikhathi eside kucabanga"

Aluvale ahlale acabange uScelo ngempela amucinge kuye ugoogle amuthole usesi omuhle nje nomndeni wakhe, abone nomndeni lo bekahlala nawo, abone ukuthi ungumakoti yena. Abuyele endlini kumawakhe amubekele udaba naye.

MaScelo:"Ngidedele ndodana ngizoba kahle wena futhi kusamele unake uNtwenhle kulesimo akuso ngobaba wakhe."

Scelo:"Ma kukude eCuba."

MaScelo:"Uma kumele ngihambe lelo banga kuze ngithole amehlo wami futhi ngizokwenza lokho ndodana, akukho okuzongivelela ngidedele ngihambe. Ukube kuzoba nobungozi iNkosi bengeke ize isidibanise kwanhlobo nje."

Adonse umoya uScelo

Scelo:"Kumele kulungiswe amaphepha akhoke."

MaScelo:"Ngizobona ubuso bendodana yami ekugcineni."

Scelo:"Ngikutshelile ngifana nawe hawu ma."

MaScelo:"Hamba uyophumula Bhungane ucabangisise okwamaphepha ngeke kukuhluphe ngoba nginawo kuzoba ukuthi kumele uyolungisa kuthi awakonakali na."

Scelo:"Ma unamaphepha anjalo ubuhlele ukuphuma eMzansi?"

MaScelo:"Lutho ndodana hamba uyolala."

Scelo:"Ngizovuka ekusenike ngiye esbhedlela kubaba Ntwenhle bese ngiyolungisa lamaphepha wakho, ithi ngishayele indlovukazi Thobile."

Amushayele amazise kuthi uyavuma, bavumelane ngokuthi uzomletha yena umamakhe ngoLwesithathu alale uScelo....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Ngempela uScelo wavuka wenza onke amalungiselelo ohambo lukamawakhe, waqhubeka futhi ngokunaka ubaba kaNtwenhle esibhedlela. Besekazingenela nje ngathi usebenza khona angahlushwa usazilelele uBiyela.

ULungile waya kubo ehanjiswa umyeni wakhe namadodana abo. NgoLwesithathu  uScelo wavuka ekuseni kakhulu balungisa nomawakhe wamuhambisa.

Endleleni🌼

Scelo:"Ukahle ma?"

MaScelo:"Mina ngijabulele ukuthi ngizokubona kanye nomzukulu wami"

Scelo:"Bangalinge nje badlale ngami."

MaScelo:"Ngeke ndodana indlovukazi yonke idlale ngempilo yami, kanti futhi lendlovukazi ithathe indodana yomngani wami kuzomusiza aqhubeke ngesikole."

Scelo:"Kusho ukuthi izilungele, sesifikile ma."

MaScelo:"Uyandiza phela nawe hawu ngokushesha okungaka."

Ahambise imoto kancane ayimise esangweni isikhathi ihora lesithupha ekuseni, aphume uThabiso ngoba bayazi atshele bonogada babavulele bangenise imoto. Babingelelane ngoba bayazana uScelo asize nomawakhe kuthi ehle emotweni. Nasendlini bamamukele kamnandi nje.

Thabiso:"Uyakwazi ukukhahlela ingubo bafo ngaleskhathi soshayele indlela engaka."

Scelo:"Kumele ngiyobheka ubaba kaNtwenhle esibhedlela."

Thabiso:"Ohhhh konje uyalapha, ngikufisela inhlanhla bafo ukhululeke ngomama umkami uzokwenza isiqiniseko sokuthi ubuya akahle, akaphumuli lomfazi."

Scelo:"Abahlali phansi bafazi bahlala bakhushuza nje, ithi ngiye kuma ngiyomuvalelisa."

Basondele ngala angakhona umawakhe noThobile babukane benoScelo.

Scelo:"Ndlovukazi."

Thobile:"Unjani Scelo?"

Scelo:"Ngiyaphila."

Azame kuzibamba uScelo ahluleke abuyisele amehlo kuThobile futhi amehlo abo ahlangane babhekane athule makabona uThabiso ababukile ashalazele uScelo.

Thabiso:"Ingabe kukhona engingakwazi okwaziwa yini kuphela?"

Thobile:"Akukho myeni wami ngiyaqala kumubona kodwa."

Thabiso:"Uyaqala kumubona kepha uyakuchaza."

Makathi uyaphuma uThabiso

Scelo:"Bafo indlovukazi yakho ingifanela nosesi wami ntse ngisho umama kube uyabona abezosho, ngiphazanyiswa yilokho nje mina."

Thobile:"Kanti mina ungifanela noMbongeni kakhulukazi ubabami mubheke la emehlweni."

Aphenduke uThabiso ababheke bese uyazihleka anikine ikhanda.

Scelo:"Kungenzeka ukufana nje kwabantu akukho lutho."

UThobile amubheke futhi angayithathi le ayishoyo kepha angasho lutho.

Thobile:"Umama ungapha ngithe akaphumule ngoba kusasa uzoba nohambo olude."

Aye kuye uScelo amufice ahlezi embhedeni

Scelo:"Ma ukahle?"

MaScelo:"Ngijahile ndodana ngiphazanyiswe iphimbo lendlovukazi naseqaleni wangishiya ngilangazelela ukuzwa lephimbo futhi, nakhu namanje kuyangiphinda."

Scelo:"Ukukhulumela njengo sisi?"

MaScelo:"Angihlanyi ndodana nawe uyamuzwa."

Scelo:”Mama ngicela manje unganaki okuningi unake indaba yokululama kwakho, phela le uma ustressed ngeke bakuhlinze ngoba uhlinzo ludinga umuntu ostable.”

MaSceli:”Ulwazi olungaka uluthathaphi.”

Scelo:”Ithi ngihambe ma ngizokubona mawubuya uhambe noNkulunkulu ngiyakuthanda.”

MaScelo:”Uziphathe kahle nawe ndodana usale noNkulunkulu namanje akulonde uze ufike la ophokophelele khona.”

Amuhage aphume uThabiso nomkakhe basamulindile makafika ngakubo.

Scelo:”Sengiyahamba bafo nawe ndlovukazi ngiyabonga futhi kakhulu.”

Thabiso:”Indlovukazi ifuna kukubuza okuthile"

Scelo:”Ndlovukazi angiqondile ukweyisa kepha bengicela nje kuthi silinde umama abone futhi, ngiyezwa nje egazini lento ezovela ngeke ingiphathe kahle. Imfihlo le futhi umama makayazi angazi kokwenzekani ngami. Ngicela singalandeleli okwamanje.”

Thobile:”Ngiyezwa kepha ngizwa ngiyathuka nami, sizolinda umama abekahle.”

Thabiso:”Yazi kwanani niyafana ngoba nime kanjalo, uMandla washo ukuthi kunomfana omuhle njengomkami mangikubona azange nganaka nje. Umama akabe kahle ikhona indaba.”

Thobile:”Scelo kungenzeka nje ungumalume wezingane zami.”

Scelo:”Sekuyozwakala khona ngicela indlela kuyaphuthuma.”

Thobile:”Mana baby ngicela usithathe isithombe sizothumelela ubhuti Thabo kungenzeka abone okuthile nje masindawonye. Umama wakubona ngenkathi uhlala le?”

Scelo:”Wangibona naye washo kuthi uyangifanisa azange alandelele kepha bekahlala angintshontsha ngeso.”

Thabiso:”Mhlawumbe abesaba phela ubaba unesikhwele bekazochaza ukuthi sekafanisa wena nesithandwa sakhe sakudala.”

Scelo:”Ndlovukazi ngicela sinake lento umama sekakahle nami manje angihlelanga ngiphuthumela esbhedlela.”

Avume uThobile kepha abonakala ukuthi akuvumi yena qobo baphume naye masekagibelile emotweni seyiduma.

Thobile:”Okokugcina ungowakabani?”

Scelo:”Hadebe.”

Amangale uThobile aphelelwe abheke umyeni wakhe uScelo ayisuse naye ngoba uyabonga ngeke phela afike esithandweni sakhe.

Thobile:”Myeni wami ungowakaHadebe nami ngokunjalo kuyazisho nje.”

Thabiso:”Ntokazi mina ngibona ukuthi ukhumbula iwele lakho uMbongeni manje sofisa wonke umuntu ukuthi ungowakini.”

Thobile:”Benginaye uMbongeni futhi sesiyakhuluma ocingweni akusafani naseqaleni ngeke ngimukhumbule ngaleyo ndlela.”

Thabiso:”Asambe siyendlini sthandwa sami.”

Bangene endlini ….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

NQOBILE🌼

UNqobile avuswe ugogo wakhe ekuseni ngesikhathi angasijwayele ngaso.

Nqobile:”Gogo ekuseni kangaka ungisaphi?”

Gogo:”Vuka ugeze uya kumaluleki.”

Nqobile:”Hayibo ekuseni kanje mina angiyi lapho.”

Gogo:”Nana vuka toe umkhulu wakho okuhambisayo.”

Nqobilr:”Noma ngabe ngihanjiswa inkosi yasemazweni amangazayo angivuki mina ngaleskhathi"

MaThobile:”Usuzokutshela yena lokhoke.”

Nqobile:”Please close your mouth and the door on your way out.”

Akhulume azigubezele angene ubabThobela kanti abezindlulela ungeniswa ilamazwi omzukulu wakhe.

BabThobela:”Ukhuluma nobani kanjalo wena?”

Avuke gubhu uNqobile abuke umkhulu wakhe

BabThobela:”Uyihlo akakaze adelele kanje hamba uyogeza ngizokuqhaqha lefreedom egcwele ikhanda lakho manje, hamba.”

Ehle ngokushesha aqonde endlini encane anikine ikhanda umkhulu wakhe aziphumele asale ahleka umamThobile amulungisele umbhede makaqeda ukugeza alunguze kuqala kuthi usekhona na makabona ugogo wakhe kuphela aphume.

MaThobile:”Ukahle?”

Nqobile:”Gogo kodwa kwamele ngenze lokhu vele?”

MaThobile:”Kwamele sthandwa sami.”

Nqobilr:”Ngiyabona umama ucabanga ukuthi mhlawumbe ngahlukumezeka ngokocansi kanti cha ngiyathembisa.”

MaThobile:”Kwenza azokwazi ukuxola naye.”

Nqobile:”Kungani kumele ngiphelezelwe umkhulu?”

MaThobile:”Uphelezelwa nguyena ngoba uyafuna naye ukhathazekile ngawe, futhi ukufuna eduzane azokugada. Ungenzi udodi umkhulu wakho uhlakaniphe ngenye indlela.”

Nqobile:”Uguga nini yena ngoba ontanga bakhe babhema amapipi  phansi kwesihlahla aziboni nokuthi benzani abazukulu"

MaThobile:”Hhey umyeni wami phela lowo qeda kumele udle futhi.”

Azigcobe elokhu ebuka ugogo wakhe

Nqobilr:”Gogo ukuthi umuntu ukuhehile ubona ngani?”

MaThobile:”Uhehwe yinike wena, usuqala ukunaka izinto ezizokubuyisela emuva kakhulu kunakuqala.”

Nqobile:”Ngiyabuza nje gogo, ngoba.”

Athule aqhubekenakwenzayo umamThobile azisole naye ngokumthethisa abone ngathi uzoze enze amaphutha ngoba ugadwe kakhulu futhi wonke umuntu unake amaphutha wakhe akasakhoni nokuba ingane.

MaThobile:”Umuntu makakuheha sesi kusho okuningi, angaba umngani wakho.”

Nqobile:”Gogo ungangenzi ingane.”

MaThobile:”Ngixoxele ngalo okuhehile ngoba ngiyazi ngeke ungibuze lokho kungenzekanga.”

Amoyizele uNqobile athuke ugogo wakhe ahle abone ukuthi umzukulu cha uthathekile impela kumele amugade ngoba uThabiso ungukhanda shisa nje naye.

Nqobile:”Akekho gogo.”

MaThobile:”Qedake sesi ubuye uzodla isikhathi siyakushiya.”

Aphume naye uzitshela ukuthi komele akhulume nomawakhe akakwazi ukuthandana manje uNqobile kungakaveli kuthi inkinga ikuphi lakuye. Ngempela aqede abuye badle benomkhulu wakhe ngoba isasekuseni abantu basasemagunjini abo. Mabaqeda baye emotweni bahambe masebazofika

BabThobela:”Lomfana benihamba naye ninomawakho utheni kuwe?”

Azizulise umqondo nje

Nqobile:”Muphi umfana?”

BabThobela:”Kuncono ngishayele ubabakho kube nguye okubuzayo.”

Nqobile:”Hayibo mkhulu ngiyakudlalisa hawu, akashongo lutho.”

BabThobela:”Mina ngibone ngathi kukhona abekukhuluma”

Nqobile:”Ngabe ngiyamusukela.”

BabThobile:”Kulungileke udlalele le kude naye siyezwana.”

Nqobile:”Mkhulu.”

BabThobela:”Hhey ungamuphazamisi sesi umuyeke alungise impilo yakhe.”

Nqobile:”Ngingamenzani kodwa mkhulu?”

BabThobela:”Ungabi umngani wakhe.”

Athule amoyizele uNqobile

Nqobile:”Mkhulu yazi uyazicabangekela lomfana kodwa anginandaba naye.”

BabThobela:”Ngicela uthembise umkhulu into eyodwa.”

Nqobile:”Ini mkhulu.”

BabThobela:”Uneminyaka emingakhi konje?”

Nqobile:”17.”

BabThobile:”Ungajahi ukuthandana nabafana manje zilungise sibone lento ekubambayo eskoleni kuqala.”

Nqobile:”Mkhulu im not even dating coz your son is watching me like a thief.”

(Mkhulu angithandani nhlobo ngoba indodana yakho ingibuke njengesigebengu.)

BabThobela:”Wena kanti ufuna ukuthandana?”

Nqobile:”Cha mkhulu angibacabangi abafana nabo bayangibalekela nje kuyafana ngizalwa isgora ngizalwa nezigora futhi kuyafana angifuni nokumosha umdlandla wami ngoba ngiyazi ngeke kuye ndawo.”

Amoyizele umkhulu wakhe

BabThobela:"Nomkhulu wakho uyisigora futhi."

Avumele phezulu uNqobile aze amemeze ahlale ngamadolo esihlalweni semoto anikine ikhanda umkhulu wakhe. Amehlo akhe abone isibhamu okhalweni lamkhulu.

Nqobile:"Mkhulu kungani nihlala niphethe izibhamu nabobaba bonke ngisho nomamPhumelele."

BabThobela:"Umkhulu uzokuxoxela ngomlando  walomndeni ukuthi ubuya kuphi ngaphambi kokuthi uhambe uyezwa. Okwamanje asinake lenkinga ekubamba esikoleni."

Nqobile:"Kulungile mkhulu."

Bafike kumaluleki ajabule naye uNqobile kulula ukukhuluma nomkhulu wakhe kunobaba wakhe, bafike sekulindwe bona angene umkhulu wakhe amulinde ngaphandle.......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMgazini amalungiselelo okubeka uMlungisi ayaqhubeka kepha manje sebawenzela ukuthi abekwe kulempelasonto akusasi impelasonto elandelayo. Sekubikelwe izikhulu ezibalulekile ngapha uNokubonga ulungusela umshado naye usizwa uGabsile kuyaphithizela nje.

UScelo uhlala asesibhedlela benomaBiyela noNtwenhe. UMduduzi naye umatasa usiza ubhuti wakhe. Iziqumama ezisuka kude sezifikile zabekwa emahhotela ezizothamela ilanga indlu yasebukhosini eMgazini isiphelile nayo konke kuyaqhubeka.

ULwesihlanu bonke basesibhedlela uScelo uthembise ukuthi uzozama kumphaphamisa ubaba wabo nakhu phela uMlungisi uyamudinga futhi ululama kahle ngendlela achaza ngayo uScelo emndenini.

Kusekuseni kakhulu uScelo angene ewodini lakhe amubheke konke afuna kukubona aze aneliseke ngako. Umphathi wesibhedlela ukunye naye ngoba akayazi into yokuthi umuntu uyaphaphanyiswa yena wazi ukuthi,uyazivukela umuntu.

Dr.Baloyi:"Unesiqiniseko salento?"

Scelo:"Akukho okubi okuzomenzakalela uzovuka kahle nje, izolo ngifake okuthile kwidrip yakhe ngangafuna ukutshela umndeni ngoba uyazi bebezolokhu bebuza kuthi sekavukile na."

Dr.Baloyi:"Kanti kungani bamujahe kangaka umuntu omdala kuthi aphaphame?"

Scelo:"Indodana yakhe izothatha isihlalo sobukhosi ngapha iyashada manje ufuna uyise abekhona."

Dr.Baloyi:"Kuzwakala kuyinto emnandi, uyinkosi ubaba okwamanje?"

Scelo:"Yebo.

Dr.Baloyi:"Ngihalela kuyibona yonke lento."

Scelo:"Ngizokucelela kwinkosi isimemo ngoba akungeni noma ngabe ubani ngenxa  yokuthile nje."

Dr.Baloyi:"Kusasa angenzi lutho ngihlala ngizivalele anginampilo nje ngiyacela ungakhohlwa."

Aqume uBiyela bamubheke acwayizise amehlo kaningi kepha asavalekile bamulinde futhi makanyakazisa nesandla.

Scelo:"Ngisabiza umndeni wakhe ukahle."

Amangale uBaloyi

Dr:"Ndoda umubona ngani kuthi ukahle awukamuthinti nokumuthinta nje."

Scelo:"Indlela enza ngayo ebonisayo kuthi ukahle umuntu makavuka ebuthongweni wenza lokhu akwenzile."

Makaphuma umndeni uvele ume ngezinyawo mababona uScelo

Scelo:"Ngicela umama."

Mdu:"Kahle mana Scelo ufuna kumtshelani umama?"

Scelo:"Ukahle ubaba uyaphaphama manje ngifuna makavula amehlo abone isthandwa sakhe kuqala."

Bajabule bahagane umaBiyela asukume aqonde ewodini lomyeni wakhe ngempela amufice asalwa nokuvula amehlo ngathi kunzima. Ahlale celeni kwakhe amoyizele yedwa.

MaBiyela:"Uzobona emehlweni kahle, nami angikhumbule."

Scelo:"Mama ukahle ubaba ngethembe."

Agcine sekakhonile kuvula amehlo abone inkosikazi yakhe okokuqala kwehle izinyembezi kumaBiyela, abe nokudideka uBiyela athalaze nala akhona, makabona uScelo akhumbule amubamba ayowa.

Dr.Baloyi:"Mr.Biyela usesibhedlela ushawe iheart attack ubulele la isonto lonke, kepha manje usukahle.,"

Azwisise uBiyela kepha aqhubeke nokuthalaza bese ubheka inkosikazi yakhe.

Biyela:"Ndlovukazi."

Ajabule umaBiyela akhohlwe nokuthi usesibhedlela amemeze, iphimbo lakhe limeme umndeni wonke bangene begijima bonke. Amadodana akhe kanye namadodakazi akhe injabulo ivele ibhalwe ebusweni. Bamazise nokuthi kusasa uyabekwa uMlungisi uyashada futhi....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABUTHELEZI 🌼

UmaButhelezi uhlezi egunjini lakhe asebenzela abantu khona, ubuke ubhavu olunamanzi wakhe ancwele ufuna kubuka ukuthi umsebenzi wakusasa makubekwa umyeni wendodakazi yakhe uzohamba kahle na.

Ngapha uyakhuleka makalokhu ewagoqoza ngendlela ahlala enza ngayo. Asagoqoza nje kuvele usesi wakhe uZodwa athuke abhekisise uyakhala uZodwa akasabonakali nakahle lobuhle bakhe. Asamubhekile nje kuvumbuke inyoka engajwayelekanga celeni kwakhe imusula izinyembezi. Inyoka le inekhanda lomuntu ayibhekisise axakwe indlela eyiyo kuZodwa kepha nayo igcwele ubumnyama. Kuvele elinye igumbi lapho kugcwele abantu angabazi kepha bagcwele ububi nabo.

"USkhondla kumele asuke kunina sizokwazi kumqeqesha kahle phela lomfana uyabekwa ngesonto elizayo sisaselelwe iviki vo.

"

Omunye:"Nawe uphuzile ukwenza uSkhondla uzobe sekakahle ngesonto elizayo ngoba angasuki kunina nje."

Madlokovu:"Bengicabanga ukubulala unina."

Mkhize:"Uzosinika inkinga makangafa lonina, kumele unina yena aphakame kube nguyena omenzisa konke."

Madlokovu:"Mkhulu usho ukuthi uZodwa aqeqeshe uSkhondla?"

Mkhize:"Ubumnyama namandla bukuye vele sdalwa akudingayo ukuboniswa kuthi akusebenzise kanjani qha. Thina sizokhomba umawakhe okunele akwenze bese yena uyamufundisa kuzosithatha izinsuku ezintathu vo."

Madlokovu:"Mina angimuthembi UZodwa angase abenzisa lelo thuba kuthi abaleke."

Mkhize:"Kanti ngeke akawazi amandla akuwo wena umtshele ukuthi uyamuthembisa emva kwalezinsuku ezintathu makaqeda ukwenzisa uSkhondla lento uzomudedela ahambe. Uzojabula enze lokho."

Madlokovu:"Kuyezwakala."

Mkhize:"Namuhla akaphumule kahle kusasa phakathi nobusuku uyaqala umsebenzi, mzukulu ngifuna ukudlalisa imizwa manje akukho ongangitholela khona?"

Madlokovu:"Ufuna isilwane na khokho noma umuntu?"

Mkhize:"Ngifuna umuntu hhayi uZodwa kodwa."

Madlokovu:"Kukhona engivezelwe bona basendleleni uzobathola."

Mkhize:"Sasho saphakama isilwane abasheshe."

Madlokovu:"Phumula manje."

Amangale umaButhelezi angaqondi kuthi kwenzakalani kuthe kusenjalo wabona kwelinye igumbi owesifazane uyasebenza ujuluke  umanzi nte athuke makabona ukuthi uNontombi aze ahlehlele emuva ngezinqe namanzi aze achitheke.

MaButhelezi:"Nontombi?"

Aphume sekashesha aye kumyeni wakhe naye omatasa ngokunye.

MaButhelezi:"Baba asambe manje sengiqedile."

Buthelezi:"Ubukeka uthukile."

MaButhelezi:"Yebo ngithukile kepha indlela isaqhubeka."

Bahambe bayothatha izikhwama zabo zifakwe emotweni ayisuse uButhelezi...

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 64🌼

EMGAZINI🌼

Wonke umndeni uphelele kwaBiyela  namuhla olwamanqamu inkosi iyohlala esihlalweni sayo abantu abanye abakazi ngoba akumenyezelwanga. UNokubonga ulaliswe ehhotela nakhona uqashiwe bonogada ngapha nangapha uvalo luyamushaya ngoba akazi losuku lumuphatheleni. Ebukhosini nakhona kuyaphithizela baphambana ngezinto abazenzayo.

Mlu:"Baba uzokhona kumelana nalosuku?"

Biyela:"Ndodana ubukhosi bubuya ngakithi namuhla ngeke ngihlale ngingabi kahle."

Mlu:"Namuhla uyatotoba awufani nayizolo."

Biyela:"Anikasho namanje ukuthi uScelo bekenzeni ngoba mangivula amehlo abeme nalomngani wakho bangibhekile, naye lomngani wakho bengingazi ukuthi uwudokotela."

Mlu:"Umama uthe singasho lutho uzozibonela udokotela wakho okusizile."

Biyela:"Sengiyobona ngaye, kepha uThemba uthe kumele ngibuye emva kwalomcimbi noma ngikahle bazongihlola."

Mlu:"Baba akusiyena uThemba lowo udokotela."

Biyela:"Nina bafana niyathanda ukudlala ngami noma ngabe bengivuka ekufeni kepha ngimubonile, wena Mduduzi kumele uqalele usebenzele iziqu zakho nawe."

Mdu:"Senginomndeni vele baba ngizokwenza njalo."

Biyela,:"Uphi umakoti?"

Mdu:"Ukubo."

Biyela:"Ngobani?"

Mdu:"Umama uthe uyamusabela umntwana kuncono aye kumawakhe."

Biyela:"Unyoko ngilala usuku olulodwa nje sekaphendulela yonke into kumele abuye akakwazi uMlungisi ukuhlala esihlaweni umndeni ungaphelelanga. Amadodana akho nawo kumele athole imvikelo, mameshane ngilala kancane nje sekubhedile."

Anikine ikhanda aqonde emnyamgo babone ukuthi sekuzoliwa.

Mlu:"Baba ngizothi uThemba eze nabo uzosuka manje."

Biyela:"Umakoti ngeke asavuma ngoba  akanazo lezinto zabo making power."

Bamuhleke

Mdu:"Khululeka baba ngizomtholela umuntu ozomenza imaking power sojabulise nami ngibakhumbulile."

Biyela:"Wena mfana angimubizeli wena umakoti  bazokwenze komndeni bese bayajika ave usile wena."

Baqhubeke nabakwenzayo isihlalo sifike naso ngoba bashisa konke baphinde benza esinye, kungene umaBiyela ngokushesha naye basamuphophotha akakaqedi ubekwe ithawula emahlombe amubuke uBiyela.

MaBiyela:"Ndodana Mgazi kaNokubonga  ali ali ali ali ali aliiiikklilililiiilil hawu wema nampa abantu bakaTshabalala bafika nobukhazikhazi besihlalo sakho awu wee ma."

Kubaleke igazi kuMlungisi asukume

Mlu:"Ngingaphuma baba?"

Biyela:"Cha ndodana kumele uphume la sewuyofunga  nendlovukazi yakho bese niyogcotshwa, konke kukahle ndodana kuhle futhi."

Adlalise unyawo

Biyela:"Siqedile thina bomama yibona abamatasa nalezinto zabo."

Mdu:"Ngeke abonwe nje uMlungisi baba?"

Biyela:"Cha uNtombela usalungisa nomama kamaShenge mabaqeda uzophuma ayolinda la abazofungela khona."

Aphume umawabo noMdu sekamucelile uThemba kuthi eze nomndeni wakhe, ngale egunjini lamantombazane nakhona ziyabuya, noma kungashadi bona uvalo lubaphethe  nabo.

Ntwenhle:"Sisi wami omuhle."

Gabi:"Ingabe sofunani."

Ntwenhle:"Ngicela ungigadele uMpilwenhle emva komcimbi."

Gabi:"Ngobani?"

Ntwenhle:"Ngifuna kuhamba noScelo."

Gabi:"Uhlala uhamba naye uScelo nje namuhla kuhlukephi ngoba ufuna ukushiya umntwana?"

Angaphenduli uNtwenhle afulathele azibuke esibukweni, asukume uGabsile azomubheka emehlweni.

Gabi:"Hhayi  Ntwenhle sekunzima nje ukuzibamba sekusondele ukuthi nishade."

Ntwenhle:"Sisi kahleni bandla isthandwa sami silambile."

Bahleke bobabili

Gabi:"Umyeni wami uyeza dade ngiyaxolisa."

Ntwenhle:"Hawu sisi ngiyakucela wena kudala uthola."

Gabi:"Ngiyadlala ngeke abe nenkinga uSambulo."

EHHOTELA🌼

Sphe:"Sekuphelile sisi kumele siphume manje."

Nokubonga:"Ukubanda sekunjani?"

Sphe:"Manje kuyabanda vele kodwa kuyabonakala lizoshisa."

Nokubonga:"Biza boThobile sizokhuleka kuqala."

Babuye bakhuleke nomawakhe afike naye baqhubeke nomkhuleko.
MaButhelezi:"Ubabakho ukulindile ngane yami, awazi ujabule kanjani kuthi uzokuphelezela."

Nokubonga:"Nami ngiyajabula, angazi noma ngiyasangana na."

MaButhelezi:"Ngani sesi?"

Nokubonga:"Ungangithukutheleli ma."

MaButhelezi:"Njenganini kodwa sesi khuluma."

Nokubonga:"Ngiyafisa ukuthi uZodwa kube ukhona nokuhlanya kwakhe."

Amoyizele umaButhelezi acabange lombono wakhe.

MaButhelezi:"Alikho iphutha lapho ndodakazi yami ukukhulisile uZodwa uyohlezi umkhumbula nje."

Thobile:”Ohkkk asingakhalisani manje mama asambeni ngiqeda kukhuluma nomyeni wakhe ocingweni lwakhe uthi eyakhe inkosikazi ingabanjezelwa asishiye uma senze kancane.”

Bahleke

Nokubonga:”Kufana naye vele lokho.”

Baphume bayogibela ezimotweni zabo baqonde ebukhosini ngoba bayoshadela khona igceke lihle likhulu.

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMADLOKOVU🌼

Indlu igcwele imimoya emibi yobumnyama kuyaphithiza, inyoka emanzini ubaba kaSkhondla sekanamandla naye uphapheme. Abelokhu eqeqeshwa naye uSkhondla, makalokhu eqeqeshwa uya ngokusuka kuZodwa akasamunamatheli kakhulu.

Kona usabalulekile kuye kepha manje uyakhona kuhlala isikhathi eside angagonanga kuye lokho kujabulisa uMadlokovu ngoba uyabona sekazomubulala uZodwa umsebenzi wakhe awusekho nje.

Bahlezi emlilweni uSkhondla uzigoqile nje

Mkhize:"Ngicabanga ukuthi simuthume umfana manje."

Madlokovu:"Simuthume kuphi?"

Mkhize:"EMgazini ngiyawafuna lamandla akhona kusenomndeni engifuna kuqeda ngawo. Ukuze ngiwuqede lomndeni kaTshabalala ngidinga lamandla."

Madlokovu:"Ngicabanga ukuthi silinde losuku mkhulu ngoba masiya manje bazobona ukuthi siyabazingela."

Mkhize:"Cha namuhla ngeke enze okuthile ngifuna igazi lobukhosi ngikutshelile ukuthi ngihlushwa isilwane sami, mangithole igazi lasebukhosini ngiyakhona ukulibaziseka nawe uthe kukhona abezayo selokhu ngilindile ngifuna ukukhipha lento ekimi."

Amoyizele uMadlokovu

Madlokovu:"Khululeka bayeza mkhulu isilwane sizobakahle manje  mawubona ukuthi uready uSkhondla  asimuthume."

Ngempela amubize eze ngokushesha

Mkhize:"Ngifuna uye kulelizwe ufike ungimuncele igazi loyedwa khona wasebukhosini. Ungabaleki mawuqeda ngiyazi bazokubamba kanjaloke sizokhona kubona konke okwenzekayo, bese wena uyabaleka phakathi nobusuku."

Madlokovu:"Uzobaleka kanjani abanjiwe?"

Mkhize:"USkhondla unamandla ayisimanga mzukulu ungamubukeli phansi. Uzokwazi ukuphuma."

Ngempela avume uSkhondla aye egunjini likanina, amufice azihlezele embhedeni. Amubheke noZodwa ayibheke lenyoka amoyizele isondele izithandele kuye imubheke emehlweni.

Ifisa kumutsheka ukuthi uyahamba ubusuku bonke kepha ayikhoni ngoba ingakhulumi. Mayiqeda isuke kuye iyophuma ngefastela iphume aze ayilunguze ayibone iyongena emfuleni lo oduze nendlu.

Abone nabantu besifazane ababili beze ngemoto acabange ukuthi kuzomele athole indlela yokuyongena kulemoto azojika nabo mabaqeda ngalokhu abakuzele.......

NOKUBONGA🌼

Usuku lwami lomshado nginemizwa ehlangahlangene ngize ngicabanga noZodwa kepha ngijabulile futhi ngishada uthandiweyo wami. Ngiyamuthanda uMlungisi ngijabulela ukuthi ngimuthande ngingazi ukuthi uyinkosi abezigulela nje kepha wangenza ngibe nayo leyonhlansi yothando.

Sifike ebukhosini maye bakhe kahle yonke into isendaweni yayo kahle futhi. Mabayibona imoto engikuyo iqhamuka abantu baqale bayilalandele seyihamba kancane manje kanti mina ngizoxola sengilibophile ifindo.

Ime imoto kuqhamuke bonogada bachelise abantu angikaze ngicabange nangelilodwa ilanga ukuthi mina ngiyobe ngifiswa ukubonwa abantu abangaka, indlovukazi yasemgazini. Nomyeni wami akenzi kubenzima ukumthanda nokuba indlovukazi yakhe. Basuke endleleni abantu iqhubeke imoto ifike ime ngala okumele ngehle ngakhona.

Sphe:"Sisi ngiyabuya kuzaya kobheka mina kuqala."

Thobile:"Cha ithi kwehle mina."

Baba:"Yemantombazane sheshani nilokhu niphikisana hambani nobabili ngizokhuluma nendodakazi yami."

Bahleke baphume

Babab:”Bonga uyoke umxolele ubaba kodwa?”

Mina:”Hawu babami kudala ngakuxolela mina ukuzwa nje ukuthi wangizala nomama hhayi uZodwa  lokho kwenza ukuthi ngixole.”

Baba:”Ngizokwenza konke okusemandleni ami  ukuthi ngikweseke kukho konke ngisaxolisa namanje.”

Mina:”Baba wena kumele uzilungise nje ukuthi  usazothenga oswidi abaningi uyeza umzukulu wakho usendleleni.”

Amomotheke ubaba angibheke.

Baba:”Ngizokwenza njalo mntanami, naba abobhuti bakho.”

Bangene emotweni  nabo uBonga ashaye ikhwela.

Sambulo:”Ngizokuhlola ukuthi ukahle ngempela.”

Mina:”Ngikahle sekakhona umngani wakho?”

Sambulo:”Kudala akulindile.”

Bonga:”Uyisimomondiya sisi wami eish.”

Mina:”Ngiyabonga.”

Bonga:”Labantu bakulindile bafuna kuyibona indlovukazi yabo.”

Baba:”Kumele nawe ushade manje.”

Bonga:”Ngisemuncane mina baba tshela uSambulo lokho.”

Sambulo:”Mina sengizoshada wena kusamele ufune intombi.”

Simuhleke babuye boSphe bathi ngingaphuma bangilungise futhi siphume, ngibambe isandla sikababa naboSambulo basindlule bayohlala phansi. Konke kungendlela ebengiyifuna, kubekwe ikhaphethi emhlophe phakathi kwezitulo phambili la esiyofungela khona kubekwe ngendlela vele. Singaphandle abantu bavele bangibone basukume, uMlungisi ungilindile phambili ngimubona ngila ukuthi uyamoyizela.

Baba:”Usuready sesi?”

Mina:”Eya baba ngihambise.”

Angibambe ngesandla sihambe size sifike phambili alule isandla angibambe ubaba amunike isandla sami. Makaphenduka ubaba azithele kumama sekamulandile cha lomama uyamuthanda umyeni wakhe namanje ngisazibuza wakhona kanjani kumlinda yonke leminyaka.

Sibukane umfundisi akhuleke bahlale phansi asenzise izifungo angazi sekuthini kimi izinyembezi zizehlele  masekangifaka indandatho izandla ziyaqhaqhazela. Ngixole umfundisi sekathi sesingumfazi nendoda siqabulane bakikize abantu kube nomsindo indawo yonke. Sihambe

Mina:”Myeni wami kuchelile la esiyoshuthela izithombe.”

Mlu:”Asizithathe khona la ngiyakucela ndlovukazi yami, ngifuna lomsebenzi wokugcotshwa usheshe wenzeke.”

Ngingakaphenduli kusondele umama.

Ma:"Baholi besizwe ngiyaxolisa kepha niyazi nina ningabakhethiwe ngeke nikhone ukwenza konke okwenziwa abashadikazi kumele niyobekwa manje."

Ntombela:"Amafu mawasaqala ukuhlangana kanje kuyazisho ukuthi ubumnyama buyasondela."

Ma:"Mabufika la kumele nibe senishadile senigcotshiwe futhi."

Mlu:"Ngicela ningitholele ubhuti Thabo ma eze endlini."

Angibambe ngesandla uMlungisi siye endlini siqonde egunjini lethu avale angihage angiqabule.

Mlu:"Ngiyaxolisa  ndlovukazi yami."

Mina:"Ngiyazwisisa nkosi yami ungakhathazeki."

Ngaphandle kubekhona okokodayo

"Nkosi yesizwe."

Mlu:"Sthandwa sami  hlala phansi."

Ngihlale phezu kombhede avule umnyango kungene ubhuti Thabo nomunye wabobhuti bakhe angikwazi kubahlukanisa kahle.

Mlu:"Vala umnyango."

Bavale

Mlu:"Ngiyazi azange sayikhulume le kepha ngizwa  nginovalo olungachazeki kungaba khona okungahambi kahle."

Thabo:"Nkosi yesizwe uvalo isikhali esisetshenziswa ubumnyama ngicela uqunge isibindi esakho lesihlalo sisikhulekise  sisenziwa saze saqedwa. Nguwena obonakalayo kuso akekho omunye."

Mlu:"Indlovukazi yami yona ikahle?"

Thabo:"Ikahle nkosi yesizwe into ezovimba lokugcotshwa kwakho uvalo kepha ungaqunga nje uzobona."

Mlu:"Ngiyabonga."

"Bafo singamukhulekela kuqala."

Baqale bakhuleke angikaze ngibone abantu besilisa bekhuleka kangaka umnyango ulokhu uvuleka uvaleka bayangena abanye. Mabaqeda ukukhuleka baphume.

Mamezala:"Ndlovukazi shintsha isikhathi sesisondele."

Aphume naye ngikhumule ngisizwe uThobile noSphe umyeni wami ukhathazeke impela uze akanakanga okuningi nje ahlala akunaka. Ngiqeda bangivunulise baphume uMlumgisi avunule naye babuye bangilungise ebusweni futhi......

MLUNGISI 🌼

Emva komkhuleko kubenconywana uvalo manje ngisiqungile isibindi akukho okubi okuzokwenzeka. Umkami uphephile ngizwe seyiqala imbongi ngasemnyango ukuthi sesiyafuneka manje. Abantu asazi batshelwe ubani ngoba bavele baba baningi ngathi bebazi.

Nokubonga:"Myeni wami sekuyisikhathi."

Mina:"Umuhle ndlovukazi yami ungipha nesibindi."

Nokubonga:"Mina nginikwa nguwena amandla."

Ngilule isandla kuthi asibambe alule esakhe naye sibambane siphume egunjini, umawakhe noNtombela basemunyango. Nabo basibhekile babambisene, ngixole mangibona uMduduzi asondela angixhawule futhi.

Mdu:"Ukahle bafo?"

Mina:"Ngikahle uphi ubaba?"

Mdu:"Baphandle ngasesihlalweni"

Mlu:"Asambe."

Sihambe masiphumela ngaphandle nje uqale umsindo bakikize uNokubonga angibambe kakhulu, bonogada basabalele. UThabo benoMandla bahamba phambili bayakhuleka size sifike esiteji nasi isihlalo sami madoda sibenyezela ubukhazikhazi begolide, nesendlovukazi yami celeni.

Ayikaphumuli imbongi ngomsindo ngifike ngime phambi kwesihlalo, asukume ubaba namanye amakhosi anobudlelwane nobaba bangenzise konke okumele ngikwenze basigcobe siguqile basihlalise phansi.

Sengiyinkosi manje ubaba kaMqondisi, umyeni kaNokubonga. Ngikhululeke inqaba manje ngiyazi noma kungenzekani sesinyamanye. Luqhubeke usuku abantu baningi ngendlela exakile.

Nendlovukazi yami seyikhululekile manje seyiqala nokuphithizela ukubonisa ukuthi ikahle manje, buseliwe ubumnyama amandla awekho qobo. Ngiyazi angikayinqobi lempi iseza kepha amandla sewangakimi akukho okuzongiphazamisa.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

NQOBILE🌼

Umkhulu ungiphoqile ukuthi ngize nabo la bengingafuni kodwa manje ngiyajabula ezinye izindawo zinhle yooo. Ngilokhu ngihlezi naye nogogo umama sibingelelene naye kwaphelela lapho waqhubeka waba matasa njengenjwayelo.

Umama ngize ngizibuze ukuthi uyakwazi nje ukuhlala phansi ngoba selokhu ngavela angikhumbuli ngimubona ahlezi phansi.

Mkhulu:"Sizohamba manje uyezwa ngiyakubona sobhorekile"

Mina:"Ngithanda lendawo nje bengizokujabulela ukuba la kube kukhona engixoxa naye."

Mkhulu:"Hawu mina awuxoxi nami kanti?"

Mina:"Hhayi mkhulu uyazi ngisho ini."

Angigaxe umkhulu wami ngiyamuthanda noma angazwani nokubheke eceleni, ulwimi lwesingisi akafuni ngilukhulume kwakhe. Kusondele ubabomkhulu angihage naye.

Thabo:"Kunjani ukuba nabanye abantu?"

Mina:"Kukahle baba."

Mkhulu:"Uthi ngiyabhora cabanga."

Sihleke

Thabo:"Akukho okufunayo?"

Mina,:"Cha ngifuna  kuya endlini encane nje."

Thabo:"Buya ngikuhambise."

Mina:"Hayi baba ngizoziyela."

Thabo:"Hayisuka wena ngizokukhomba indlu encane bese ngiyakushiya."

Angibambe ngesandla  sihambe

Baba:"Hhey niyaphi?"

Thabo:"Endlini encane."

Baba:"Sho."

Angibonise bese ngiyongena ngizisize mangiphuma nangu lomfana wamazinyo amahle, uhamba nomunye umama babambene  ngezandla. Ngimubheke naye agcine sekangibona amoyizele lomama amushaye ekhanda ashalazele ngime lapho baze bahlukane nalomama. Asondele

“Hi.”

Mina:”Hitman.”

Athalaze

“Bengingacabangi ukuthi ngingakubona la.”

Mina:”Nami bengingacabangi ukuthi ngizozibona la.”

“Nqobile ngizohamba kungekudala futhi ngicela inombolo yakho bandla ngiyacela.”

Ngifuna ukumunika vele kepha ngizikhuze ngingakaphenduli kuqhamuke uManqoba amubhambathe ehlombe kusho ukuthi sebayazana.

Manqoba:”Hhey snowflake uyakhumbuleka yazi.”

Mina:”Ukhumbule kungeyisa nje.”

Manqoba:”Bafo umbonile uMnqobi?”

“Undlule lana no baba wakho.”

Manqoba:”Asijike ngale kwentaba lendawo yinhle yazi.”

“Sho.”

Mina:”Ngicela kuhamba nawe bhuuti.”

Manqoba:”Hhayi kuyacika ukuhamba nawe ngoba manje nje ubaba makangakuboni uzokufuna aze akuthole nathi siphelelwe ubumnandi, cha sala.”

“Muyeke lendawo iyahalisa  yinhle hleze naye ufuna kuzibonela lobuhle.”

Manqoba:”Kulungile kepha waphonxa umuntu  oyedwa nje ayajika.”

Ngijabule ngiyongena phakathi kwabo sihambe uManqoba uyazikhulumela ucishe afuze ubabMandla kanti uMnqobi akakhulumi akazwani nokubheke eceleni uthetha manje futhi uyashesha ukushaya. Ungubaba nje yena ngakho konke, namanje uhlala alandelana naye noma aya emihlanganweni  uhamba nobaba. Sindlule ngakumkhulu asibuke angasho lutho aqhubeke nokuxoxa siphume ngesango kuyaphithiza nje.

Manqoba:”Thami kunjani vele esikoleni?”

Thami:”Kukahle akunasmoko.”

Manqoba:”Ave sengijahile uphele lonyaka nami ngiye ekolishi.”

Ohhhh igama lakhe uThami

Thami:”Ujahiswa yini kangaka?”

Manqoba:”Ubaba wasithembisa ukuthi masesisekolishi soba nemoto yethu.”

Thami:”Yenu nizishayelele?”

Manqoba:”Yes phela labonogada bayakhinya kwesinye isikhathi.”

Sifike kulentaba sikhuphuke ayinkulu yona ngingathi isdindi esindlale kahle nje, sifike sihlale phezulu kuyo siyabona ebukhosini.

Thami:”Niphila kamnandi.”

Manqoba:”Ndoda akukho mnandi thina azange sifane nezinye izingane sihlala siqashiwe nje, asikwazi nokudlala enkundleni nabanye abafana umama yena abesiyisa enkundleni elokishini kepha nakhona wonke umuntu uzokuphathisa kweqanda. Mawuthi uyagoba uzifasa izintambo zamateki sekukhona osheshe wakubona akufase yena ayyyy.”

Thami:”Umawenu ulungile yoooooo.”

Manqoba:”Kakhulu.”

Mina:”Umgamuphoxi nawe.”

Amoyizele angibheke ngathi uyathuka nami ngimubheke uvalo lungishaye.

Manqoba:”Hhayi nina nifuna kungifaka enkingeni niyajola?”

UManqoba unjaloke ngize ngimusole ukuthi akafuzanga ubabMandla ngokuphapha kuphela umfuze nangokuboniswa.

Mina:"Hayibo Manqoba."

Manqoba:"Nyanyi nyo nyanyonya ini Thami ushaya ingane yasedladleni wena manje nisebenzise mina kuphuma lapha."

Thami:"Cha bafo asithandani angikasheli nokushela."

Manqoba:"Awukasheli?"

Thami:"Eya ngizolinda ngiqede eskoleni bese siyathandana naye."

Ngimoyizele uManqoba anikine ikhanda.

Manqoba:"Asambe ngiyokugubhisa ithuna lakho manje ngoba ufile."

Amubheke uThami

Thami:"Ngiyazi bafo uzongibulala ubabenu kepha inhliziyo uyayazi."

Manqoba:"Naze nangihlula, wena Nqobile usilandela nje kanti."

Thami:"Ungamuthethisi ngeke ngiyenze lutho ingane yakini."

Manqoba:"Khona uneminyaka emingakhi ngoba wena kudala wathomba."

Ahleke uThami yooo logegetheko lwakhe umsindo wakhona uziyele enhliziyweni kimi. Ngimubheke nami makahleka angazi kwenzenjani nangu umfana. Amuzibe uThami sixoxe ngokunye nje okungatheni izulu seliqala ukuguqubala manje.

Thami:”Asambeni nali izulu lishintsha.”

Manqoba:”Ngjyalibona nami.”

Thami:”MQ ngicela umzuzu owodwa bafo.”

Manqoba:”Hayibo uqeda kuthi uzomulinda manje ufuna umzuzu ndoda uzokubulala ubaba"

Thami:”Ngiyakucela bafo.”

Manqoba:”Imaths masifika endlini.”

Thami:”Sho.”

Angibhke anikine ikhanda uManqoba asukume eme ngezinyawo asuze makahamba.

Mina:”Manje usuzelani kangaka?”

Manqoba:”Ngiphethwe umsuzo nje.”

Achele kancane abheke ngasebukhosini ngizwe sekangibamba izandla uThami ngithuke kungavumi nokuthi ngimubheke.

Thami:”Nginesicelo Nqobile.”

Mina:”Esani?”

Thami:”Ngicela uziphathe kahle ntokazi ngikuthandile kepha mangibona isimo sakini ngiyabona kusamele ngisebenze kanzima kuqala.”

Mina:”Ngiziphathe kahle kanjani?”

Thami:”Ungathandi muntu ngiyakucela ngiyakuthanda.”

Mangabe yiyona ndlela umama azizwa ngayo le ubaba makamutshela ukuthi uyamuthanda njalo. Then ngiyazwisisa kungani amutshela njalo. Nezandla zakhe zithambile uphefumula ngenye indlela sibukane ngize ngibuke phansi.

Mina:”Wena uzoziphatha kahle na, ngeke nawe uthande omunye?”

Thami:”Ngiyathembisa.”

Mina:”Ngiyathembisa nami.”

Abheke uManqoba usafulathele asondele kancane ngithuke ngiyaheheka nami ngoba ungibuke phakathi emehlweni angiqabule esihlathini angasheshi ukususa izindebe zakhe kimi nami ngizilalele bese uyangiyeka.

Thami:”Sukuma uye kubhuti wakho ngizonilandela.”

Ngisukume ngiye kuManqoba

Manqoba:”Asambenike ningaphinde ningidelele kanje, manje wena useleleni lapho?”

Thami:”Hambani ngiyeza bafo ngifuna kuchitha amanzi.”

Mina:”Uwathathephi amanzi ngoba akaphethanga lutho.”

Anikine ikhanda uManqoba

Manqoba:”Ufuna kuchama, wena ungabulalisi lomfana bantu ngobaba ngoba uyamazi ubabakho.”

Mina:”Bhuti kuzenzakalele ngiyamuthanda.”

Manqoba:”UThami uzozama impilo ngoba ahlala ekhaya kanti nawe uyasazi isimo sakho ungabhayiziseki.”

Mina:”Ushilo uThami kuthi uyasibona isimo sasekhaya abengicela nje kuthi ngimulinde aze aqede eskoleni.”

Manqoba:”Uzomulinda manje?”

Mina:”Ngiyamuthanda bhuti ngizomulinda.”

Manqoba:”Nami uyangichaza uyahlonipha futhi kodwa ubaba indlela amuphatha ngayo angiyithandi uhlala amthethisa, uMnqobi waze wathi uyasola mhlawumbe unovalo lokuthi uzozwana nawe.”

Mina:”UMnqobi yena unjani kuye?”

Manqoba:”Unogazi uThami futhi uthandwa ukhokho ngenye indlela"

Mina:”Hayibo ukhokho umama kagogo?”

Manqoba:”Eya.”

Angibambe ngesandla nangu umkhulu ufake izandla emakhikhini bayeza nobabSipho  ngize ngithuke kancane ngizibuze ukuthi basibonile na.

Manqoba:”Nazoke nangu umkhulu.”

Ngizwe into ingincweba kabuhlungu ngimemeze ngizibambe umlenze ngiyathe ngibone nje ubabSipho asondela ngejubane noThami emva kwethu angazi unyathela ini ngonyawo kube munyama emehlweni ngiphelelwe amandla.

Ngibande umzimba wonke ngaphakathi nje ngiyazizwa kuthi ngiyaqhaqhazela. Ngizwe sengibanjwa kulomlenze loyo ongibambile angilume kabuhlungu anginawo namandla okukhala manje ngizwe ngathi ngiyafaswa futhi.........

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

BabThobela:”Ukhafulele kuphi mzukulu?”

Ebuza uThami amukhombise

Manqoba:”Kwenzenjani kanti?”

Thami:”Ulunywe inyoka, nayi lapha.”

Amubheke ubabThobela

BabThobela:”Uyibulele?”

Thami:"Ngiyi ngiyinyatheli......."

Awe naye abanjwe uSipho uManqoba ubambe iwele lakhe

BabThobela:"Ndodana hamba uyobabiza ngizasala nabo, thatha lenyoka kuqala izaze izihlanganise futhi komele yaziwe."

Aqonde ngala akhombe khona uThami athuke uSipho aze awe ngezinqe makayibona.

BabThobela:"Hayiman deshedi Sipho thatha lenyoka uhambe."

Sipho:"Akusiyo inyoka baba le umuntu."

BabThobela:"SIPHO."

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T 🌼

ISIQEPHI 65🌼

Ayithathe uSipho inyoka umubona nje ukuthi akekho mnandi sekenziswa ukuhlonipha ubaba wakhe ehle ngejubane. Angakafiki nakuphi uqhamuke umndeni ugijima kucace ukuthi sekukhona obatshelile ngalesenzo.

Phambili kugijima uThabiso noMnqobi balandelwa uSmanga ubhuti kaThami baphambane noSipho bafike bazilahle kuboNqobile uThabiso athathe indodakazi yakhe uSmanga noMnqobi bathathe uThami.

Ngisho nenkosi seyiphumile nayo izobona lento ebabazwayo bangene ebukhosini uThabiso uyahlanya uThobile unele kubona ingane yakhe washiya konke abe kwenza waya kubo.

Thabiso:"Nibuyaphi  Manqoba?"

Manqoba:"Ulunywe inyoka."

BabThobela:"Lomfana uwukhiphile ushevu manje ngididwa ukuthi yena uqulekiswe yini."

Thobile:"Kumele sithole leyo  nyoka sizokwazi ushevu wani, kumele baye esibhedlela."

MamKhaliphi:"Thamsanqa."

Aqhamuke umaButhelezi naye sekashesha

MaButhelezi:”Uphi ophethe inyoka?”

Aqhamuke uSipho sekayiphuthele ngehembe lakhe abhonge umamkhulu ingakavulwa bayibeke phansi boMandla baqhamuke ngejubane nabo akwaziwa bebenyamalele kuphi.

Ntombela:”Valani amasango wonke akusaphumi muntu futhi akungeni muntu, mfana ungasayivuli leyo nyoka ngipheni ibhikili ngizoyifaka phakathi.”

MaButhelezi agobe ngakuThami amubheke amudabulele izimpahla umzimba wakhe soshintshe nombala, bathuke bonke.

MaButhelezi:”Imamba yobumnyama sebaseduze.”

Mkhaliphi:”Manje indodana yami ingena ngani lapho?”

MaButhelezi:”Ifakwa uthando baba kodwa uzobakahle.”

Aphakamise amehlo umaButhelezi amangale

MaButhelezi:”Hayibo hayibo nceku nangibuka nje, ngiletheleni amanzi ami, Bonga.”

Kuphanjanwe uNtombela yena sekayifakile inyoka entweni wayivalela phakathi, baqale boMandla nabo babe nombonakaliso liphinde izulu liguqubale akhale umaMkhaliphi ngendodana yakhe eseshintshe yaba luhlaza umzimba wonke.

Sekathuliswa uSphe naye uyakhala nje kusondele udr.Baloyi aqoshame lapho abalaliswe khona. Abheke uThami aze abone ukuthi emilenzeni ushevu awukafiki amukhumule ibhande amufase amuqinise esiswini, akhiphe elakhe ibhande amufase izingalo.

Bamubuke abantu abangamazi bazibonela uThemba makaqeda  amumise amadolo awabambe ngoba uphinde awawise futhi. Baqale kukhuleka ngezilimi umaButhelezi ulungisa amanzi wakhe abuye nawo.

MaButhelezi:”Ngicela ubhavu omkhulu.”

Beze nawo bathele lamanzi

MaButhelezi:”Fakani uMkhaliphi phakathi emanzini.”

USipho noSmanga bamufake aqale aqhaqhazele futhi amubambe aze alalise umzimba.

MaButhelezi:”Fakani nenkosazana.”

Thabiso:”Kuphi?”

MaButhelezi:”Kulo lebhavu.”

Angayithandi leyonto uThabiso ashintshe futhi amubone ubabakhe ukuthi uzoyisusa manje.

Thabiso:”Ye mama awekho amanye amanzi na angene ebhavini lakhe naye.”

MaButhelezi:”Angifuni kuphazamiseka mina mangisebenza, lomfana usindise indodakazi yakho ngokukhipha ushevu kuye, indodakzi yakho kumele imusindise manje.”

Thabiso:”Izomusindisa kanjani iqulekile nayo?”

MaButhelezi:”Izokwazi yona mayiphaphama.”

BabThobela:”Thabiso.”

Abheke uyise abuye abheke nobhuti wakhe avume ngekhanda uThabo amufake yena azame kuthi angathinti uThami kepha kufane nje ngoba ubhavu luncane vele kwamele amubeke phezu kwakhe, adineke amuyeke asuke lapho ayoma kude le. Ehle nezinyembezi uThobile amulandele amuhage.

Thobile:”Ukahle uNqobile.”

Izulu alizibekile phansi liya ngokuba munyama

MaButhelezi:”Nkosi yesizwe sondela nazi izingane zithelwe amachaphazelo ngenxa yobukhosi kulungile zithelekile inyoka ibilethwe kuwe kuzobheka ukuthi ahamba njani amalungiselelo okubekwa kwakho esihlalweni. Mana la celeni kwabo ngiletheleni ingubo.”

Baqhamuke nayo bamunike ayombesa boThami abhavumuke uThabiso amubambe uThabo.

Thabo:”Akukho abazokwenza phambi kwethu labantwana futhi uyamazi umntanakho makaphaphama abone kuthi ubekwe celeni komuntu angamazi uzophuma aqhasha. Yekela lomama enze umsebenzi wakhe.”

Thabiso:”Angiyiqondi lento bafo.”

Thabo:”Lomfana ukhiphe ushevu kuNqobile kusho ukuthi akawukhafulanga wonke omunye umungene emzimbeni. Ngokwenza lokhu kumele babendawonye ushevu uzophuma kalula ngoba ubungene kuye.”

Thabiso:”Hhayi angikuzwa  bafo kuncono uthule.”

Thabo:”Nami angizizwa akuchazeleki kepha lokhu kwamele kwenzeke.”

Bakhuleke nawu umoya uyaqala manje ingubo inyakaze agxume ahlale uThabiso athi uyoyivula amuvimbe ngomkhonto wakhe uMlungisi. Naye sekangqungqe uyasabeka akafuni umsebenzi wamaButhelezi uphazamiseke.

Bakhuleke uNqobile aphaphame athuswe ukuthi usemanzini kanjani ayombule ingubo abone uThami athuke aze afune kuphuma emanzini abuye eme abuke umawakhe.

Thobile:”Nilunywe inyoka sesi sinikhipha ushevu.”

UNqobile ngokusaba ubabakhe amubheke avume uThabiso.

Thabiso:”Hlala phansi sesi.”

Agwinye into engekho ubabakhe amehlo angasuki kulobhavu, uNqobile ahlale kahle angazi enzenjani.

Nqobile:”Hitman wake up.”

Ukhuluma uyahleba acabange into anokuyibukela umuntu makaqulekile kepha asabe kubeka umlomo wakhe kuThami abone ngathi uzakwenza lokho ubabakhe ayivule lengubo. Aqamele kuye aphenduke kuthi aqamele kahle nalamanzi ayabanda.

Thabiso:”Nqobile.”

Asabele ngaphakathi

Nqobile:”Ba.”

Thabiso:”Kwanyakazeka lapho wenzani.”

Nqobile:”Lutho baba.”

UbabThobela anikine ikhanda aze amoyizele babhekane benoThobile umaButhelezi ulokhu uya phansi  naphezulu celeni kwalo ubhavu. Ahlale uNqobile aze abe nesithongwane azizwe ukuthi uyabanda kanti loshevu uzophuma nini kubo na.

Nqobile:”Thami, hey hitman.”

Athule uThami akezwa lutho azidele manje sekayabanda akakwazi kuhlala nje belokhu bebanda kanje, abeke izindebe zakhe kuThami acimeze naye. Amuphefumulele  angaphaphami uThami aphinde amuphefumulele  manje awubeke  kakhulu angawususi umlomo. Ezwe sekaphefumulela phezulu uThami.

Nqobile:”Shhhhh ungathuki unoNqobile ungikhiphe ushevu wenyoka uyakhumbula"

Abone angakhulumi amuqabule futhi bese uyamuyeka.

Thami:”Ngivuse futhi.”

Amoyizele uNqobile amuqabule futhi

Thabiso:”NQOBILE.”

Bathuke kepha bangasusi ingubo

Nqobile:”Ba.”

Thabiso:"Akakavuki namanje?"

Nqobile:"Cha."

UbabThobela amubize asithele naye bayoma ngasesangweni.

Nqobile:"Ngiyabanda manje asiphume."

Thami:"Ngivuse kokugcina ngiyacela."

Amoyizele uNqobile avule ingubo babheke uThami aqale akhohlele asondele umaButhelezi ababheke  bese uyaphakama.

MaButhelezi:"Hambani niyogqoka bantabami okwenu sokuphelile la."

UThobile amukele  indodakazi yakhe uThami amukelwe uMlungisi aye endlini noMduduzi bamubhekele azokugqoka. Maliqala ukuna izulu uThabo ayovulela  lenyoka noMandla alandele benoNtombela babukane.

Ntombela:"Khiphani abantu baye emakhaya izingane zisindile manje kuyaguqubala nali izulu liba libi."

Babavulele isango bahambe abantu yize kwenzeke okuningi abangakuzwisisi egcineni kepha bajabulele ukuthi inkosi yabo ibekiwe. Masebaphume bonke egcekeni balivale futhi boThabo basashaqwe ilohlobo lwenyoka lusalele futhi.

Baliphendule ibhikili bafuna kuyibhekisisa ivule amehlo ithuke iphakamise ikhanda. UThabo ayibheke emehlweni noMandla babhekane.

Thabo:"MamButhelezi sondela."

Iyalwa manje ngoba ivaleleke ebhikilini elincane kunayo, makasondela umaButhelezi imubuke ize ikhiphe ulwimi lwayo. Naye ayibone ayibuke akhale umaButhelezi kusondele umaThwala usesi wakhe azomuthulisa athuke naye ilento ayibonayo.

Ishaye ngomsila inyoka maseyibona nomaThwala. UThabo abambe ibhikili abeke indlebe ayisuse futhi.

Thabo:"Lenyoka izalwe owesifazane ongumuntu ibithunyiwe la ekhaya. Isitha sala ebukhosini kanye nesomndeni wethu okukudala silwisana naso."

Mandla:"Manje okuzokwenzeka ukuthi siyivulele sifuna ukubona ukuthi ithunywe ini ngaphandle kokuthi basibuke ngayo."

Bahlehlele emuva abasabayo alivule lebhikili uThabo aphume uSkhondlakhondla azilule amehlo akhe ahlale kuThabo abuye abheke uMandla noNtombela abonise ukusaba kepha aziqinise. Abuke umaThwala nomaButhelezi la abaququbele khona. Akasakhali umaButhelezi nabo babukele ukusaba kumaThwala sekazifuna duze nomyeni wakhe. Amubone uThwala ukuthi akasekho kahle asondele afike amugaxe.

Asondele uSkhondla kancane uThabo makathi uyasondela aphakamise isandla umaButhelezi bonke bamubuke ngokumangala. Asondele kuye uSkhondla nomaButhelezi ayibuke asondele akhiphe ulwimi uSkhondla akhothe izicathulo zakhe abeke ikhanda emlenzeni wakhe. Makaqeda abheke emuva ngala umaThwala aye khona nomyeni wakhe aphenduke aqonde khona.

MaButhelezi:"Mntanamama ungakhali ngeke ikwenze lutho ziqinise ngithembe."

Sekaphefumulela phezulu umaThwala asondele kuye uSkhondla naye amukhothe isicathulo abeke ubuso bakhe aqamele nakuye. Izulu liqhubeke manje selilwa kakhulu umoya uyaqala mawulokhu ukhula lomoya noSkhondla uya ngokutatazela.

Thabo:"Amandla akhe akulesimo sezulu shwele Bawo senzeni kangaka na."

Mandla:"Sambulo."

Aphakamise ikhanda uSambulo la akhona asondele kancane eme ngakumawakhe amubheke uSkhondla abonakale ngathi uyancuma. Abuye abhekise amehlo kuJabu ababheke bonke aze abuke uBonga. Lidume izulu bakhuleke ngezilimi bakhuleke umkhuleko onamandla sebexosha lefu nemvula yokwenziwa.

Abe nokusaba uSkhondla angasazi aphendukele ngakuphi ngoba ngathi uyasha yonke indawo nje. Asuke aphenduke  aqonde kumaButhelezi  manje akhuphuke ngomlenze ayozithandela okhalweni njengoba ahlala enza kunina wakhe. Afihle ikhanda lakhe ngaye kuthu angabonakali uSambulo azame kusondela amubambe uThabo.

Mandla:"Mana bafo umfowenu lo ingane kamamncane wakho iyezwa ngaphakathi kuthi iphephile kumawakho."

Amubuke uSambulo ngokucikeka

Thabo:"Uqinsile bafo yehlisa umoya nje kumele siphendulele yonke lento, ububi bugcwele la."

MaButhelezi:"Ngime ikhanda nceku."

Thabo:"Uyibonile eyabani?"

Avume umaButhelezi

Mandla:"Khuluma nayoke iyezwa ezindlebeni, konke kuyajika manje."

MaButhelezi:"Uphi umawakho?"

Ibhekise amehlo ngasesangweni.

Thabo:"Kusho ukuthi iyazi ukuphi."

MaButhelezi:"Ngimukhumbulile ngifuna kumbona azohlala nami futhi."

Imubheke iphakamise nekhanda iswace.

Mandla:"Ayikuzwisisi."

MaButhelezi:"Ngifuna wena naye nizohlala nami, nisuke la abanihlupha khona banisebenzisa kakhulu futhi bahlela nokubulala umawakho,  ungakuthanda lokho?"

Avume ngekhanda uSkhondla abhekise amehlo kumaThwala.

Mandla:"Ufuna nosesi wakho."

MaButhelezi:"Kunye nosesi wethu omdala ave asithanda."

Mandla:"Sondela ma ngeke ikulimaze."

Asondele umaThwala uvalo luyazenzela nezinyawo ngathi ziyabambeka nazo, aziqinise uyaqhaqhazela, uJabu akathandi kubona umawakhe ethuke kanje. Ayibambe ayisuse kumaButhelezi ngezandla eziqhaqhazelayo ayibeke entanyeni.

MaButhelezi:"Lethani lebhavu belingene lezithandani."

Babukane abantu izithandani zakuphi ubabThobela makabona ukushintsha kukaThabiso.

BabThobela:"Hayisuka wena thatha lebhavu uyamazi lomama ubiza wonke umuntu ngezithandani."

UThobile angayithathi lento eshiwo ubabThobela athuke ingane yakhe isiyathandana na, akubeke enqondweni yakhe kuthi uzokhuluma naye. Ngeke nje ayivume le ngeke.usemuncane uNqobile kakhulu futhi athalaze abakabuyi basasendlini athuke mangabe benza okungekho kahle ngoba bangaphumi endlini manje. Aqonde khona mabamatasa ngokuphakamisa ubhavu balubeke phambi kwamaThwala.

MaButhelezi:"Ngena la ndodana uzozwa ubumnandi."

Abambelele kumaThwala angasuki.

Thabo:"Abamujwayezanga amanzi ngoba bafuna kumulawula."

Mandla:"Ayyy incengenike indodana yenu kumele akwazi ukuhlala isikhathi eside emanzini lamandla anawo azobambisana noSambulo ubhuti wakhe."

Ahleke uMandla

BabThobela:"Yini okuhlekisayo lapho Mandla."

Bamuphulule uSkhondlakhondla aze athambe angene emanzini, lawa amanzi awafani nalomfula wobumnyama ongakamadlokovu, noma la abavuse khona aboMkhize. Makaphelela nje emanzini libalale izulu nalomoya bosoqalile uthule ukuguqubala kuthi ngwe kuvuleke. Isimo sezulu sifane nesasekuqaleni.

Acimeze uSkhondla ngathi uzwa ubuhlungu aphenduke ebhavini amanzi elokhu echitheka emaceleni.

MaButhelezi:"Sambulo iza namanye amanzi ancwele, ninoJabu."

Eme uJabu, uMandla asondele kuye sekasaba ubabakhe kuthi uzomthethisa phambi kwabantu amuhlebele.

Mandla:"Nguwe noSambulo kuphela enizokhona  kumuthambisa ngoba umfowenu ubhuti wakho omncane, ubabomncane wabo Ndumiso."

Jabu:"Nxxx."

MaThwala:"Jabulane hamba."

Balande izigubhu zamanzi emotweni yamama Sambulo baqhamuke  babeke phansi.

MaButhelezi:"Thelani esisodwa nimuphulule nizijwayeza yena masekukubi azokwazi ukuthi nina noma abaduze nani abathintwa. Nkosi yaseMgazini izinkabi zakho iyahloma manje kepha akusiyo impi ejwayelekile eyobumnyama."

Mlu:"Manje izinkabi zizokwenzani ma?"

MaButhelezi:"Kukhona abantu abaphilayo abazodinga inhlamvu bayayihlomisa nabo, bukani emanzini. Ningayilimazi iphakeleni idle kusihlwa siyobahlangabeza ngisayophumula  Sambulo dlalani naye wazi nina kuphela kwabanye uzocasuka agadle"

Afulathele amubuke nje uSkhondla angabinankinga naba uSambulo noJabu bamubhekile adlale emanzini ancwele.

Mandla:"Mamkhulu thina senzeni?"

MaButhelezi:"Nawe dlala nabobhuti bakho"

Ahleke uMandla

Mandla:"Buya Thabo sohlala lapha nobhuti wethu uSipho uJabu sekayasichomela ngoba udlala nabobhuti bakhe silinde ihora."

UbabThobela anikine ikhanda iso lakhe ligade uThabiso ongamnandanga kahle...

UThobile makafika  endlini athalaze athuke makangezwa msindo angazi nokuthi abheke ngakuphi inkulu nayi indlu. Kuqhamuke isisebenzi.

Thobile:"Sisi kunengane engene imanzi ishone ngakuphi?"

"Le yentombazane ihlezi nomunye umfana kwelinye lamagumbi."

Athuke ome uThobile aze ayengezele nezinyembezi

Thobile:"Ngikhombise."

Amulandele mabaqhamuka aluzwe uhleko lwakhe yedwa angabi asalinda kukhonjiswa igumbi ngoba uyawuzwa umsindo wephimbo lwakhe. Avule nge uhlezi noThami ….

KWAMADLOKOVU 🌼

Basalindile nje imimoya yehla yenyuka uZodwa avale umnyango egunjini lakhe aguqe phansi uyakhala useze akasanazo izinyembezi.

Zodwa:"Baba angikwazi ngisho ukukhuleka lokhu ngicela ungibheke ngaphakathi kimi ungikhiphe la ungiphe nethuba lokucela uxolo kusesi wami. Angilungisele indodana yami ngiyathembisa noma sekangenza umkhovu wakhe uma nje ngizojezela izono zami ezandleni zakhe ngiyacela. Ngixolele baba ngixolele Nkosi yamakhosi Ngixolele mnini mandla wonke. Ngikuzwile manje, ngiyayizwa induku yakho. Iyangihlaba Nkosi yami."

Akhale uZodwa kube buhlungu phakathi esiswini sakhe……

Ngale endaweni yokuzipholela kungene uNontombi egijima kuMadlokovu noMkhize aguqe ngedolo elilodwa ababheke.

Nontombi:"Kukhona abezayo abesifazane ababili."

Mkhize:"Dedani sukani endleni phelani emehlweni nonke."

Bahambe asale noMadlokovu bazizwe izinyathelo ziza kancane baze bakhuleke.

Mkhize:"Ngidinga amandla mzukulu ungakhohlwa."

Madlokovu:"Bobabili uzozenzela."

Mkhize:"Komunye uzotholwa uMporo naye azoba namandla."

Abangenise uMadlokovu kuhle kulwe kuMkhize afise nokubangena manje akhuzwe iso likaMadlokovu, bathi bengakahlali naphansi.

Madlokovu:"Nize kulomthakathi oyimi ngoba ucasulwa usesi wakho ufuna konke anako?"

Babhekane

Madlokovu:"Kunye vo akufunayo uMadlokovu."

Babhekane futhi

Madlokovu:"Lokhu okuphakathi kwemilenze  yenu  kanye nawe manivuka lomyeni kuzaba ngowakho kuphela nakho konke anako."

Ncane:"Kumele silale nawe sobabili?"

Madlokovu:"Yebo nawe usayifuna indoda yasesi wakho awukhoni kuyithola nginamanga?"

Ncane:"Uqinsile."

Madlokovu:"Ngilaliseni nani maniphuma la lamadoda azozwa into ehambayo manilala nawo ngeke asabuyela kumakhosikazi awo."

Babukane futhi amoyizele uncane avume ngekhanda uBabalwa.

Madlokovu:"Wena iyongena kulowamnyango wena sala la, khumulani uzidlalise ngoba mangifika ngiyawujikijela."

Ahambe uncane ayongena kulowo mnyango kusale uBabalwa ekhumula kumphikise uMadlokovu masekamubona eba nqunu phambi kwakhe.

Madlokovu:"UMporo uzovuma kungilinda?"

Amoyizele uMkhize

Mkhize:"Uzovuma futhi usasengaphandle shona khona."

UMkhize akabonakali emehlweni abo bazibonela uMadlokovu yedwa asukume asondele kuye amubambe entanyeni ayomuhlanganisa nobonda.

Athuke uBabalwa yinde lendoda ilaphaya iyisidlakela futhi. Amubambe ngaphambili abhonge yedwa uMadlokovu kuzwe nezilwane ngaphandle angene uMporo ulandelwa inyoka enkulu ubaba kaSkhondla. Basondele azame kumemeza uBabalwa makabona lezinyoka iphimbo lingaphumi.

Madlokovu:"Mangiqeda mfana omdala mangiqeda."

Zisuke ziyobukelela buqamamana....

Ngale egunjini sekakhumulile uncane angene uMkhize athuke sekuvaleka umnyango phela akabonakali nhlobo. Asathalaza adonseke ngomlenze ezwe into esindayo phezu kwakhe nasesithweni sakhe kube khona okumungena kabuhlungu nje.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

Thobile:”Ukahle Nqobile?”

Manqoba:”Hawu ma sibaningi kangaka wabuza uNqobile yedwa.”

Nqobile:”Im fine ma wena?”

Thobile:”Im fine.”

Abheke uThami ashalazele angaphakamisi amehlo nakancane uyazi ukuthi umama Nqobile ufuna kumubona wona.

Thobile:”Nenzani ngalawo maphepha?”

Mnqobi:”UThami udlala ngezingqondo zethu la mama.”

Thobile:”Unenzani?”

Ubuza ubheke uThami yena uzibukele izinyawo zakhe uNqobile uyazimoyizelela nje.

Manqoba:”Mama uthi ilanga alihambi liyibhola elikhulu elishisayo lihlala endaweni eyodwa yithina esihambayo.”

Ahleke uMnqobi

Mnqobi:”Uthi umhlaba ohambayo ngoba uyindilinga.”

Amubheke uThobile

Thobile:"Manje ilanga malingahambi kuza kanjani kube nobusika lapho aliveli nhlobo noma malikhona alishisi."

Thami:"Umhlaba mawulokhu uginqika wona ufika endaweni la esitheke khona edalelwe ukubanda vele  for lezinyanga ezimbalwa masekuyihlobo futhi sivelela la elikhona kakhulu."

Thobile:"Makuna izulu kusuke kwenzekeni ngalo?"

Thami:"Lisithwa amafu lona aliyi ndawo."

Mnqobi:"Ya maselishona ilanga kuba isebusuku kwenzakalani lapho?"

Thabo:"Umhlaba uyahamba angithi uhamba 1 000 miles ngehora mawubala lapho uyabona ukuthi masivuka usuke somuvile ilanga kube ngathi liyaphuma masekuyintambama sithi liyashona ngathi yilona elisishiyayo kanti yithina esilishiyayo. Lento ngeke niyizwe kahle yingakho ngifuna kunibhalisa itest."

Mnqobi:"Ayyy mina ungangifundisi sengihle ngifeyilile."

Thobile:"Kungani ufundela ubumeli Thami?"

Thami:"Ngiyakuthanda ma."

Thobile:"Kumele ube usosayenzi noma igeologist."

Manqoba:"Mama lomuntu uyidictionery manje abesitshela ngezinto zabodokotela, kumele abe yini nje."

Thobile:"Bodokotela benzeni?"

Mnqobi:"Mubuze noma ngabe yini uzomangala."

Thobile:"Nina sengiyanibona ngoba uphase kahle ezifundweni zakho nisebenzisa uThami?"

Manqoba:"Uyasichazela kancono ma akafuni kusikopisa."

Thobile:"Ohk ngitsheleke kusuke kwenzakalani umuntu makasokola kuphefumula?"

Amoyizele uThami abheke phansi ngathi kukhona la afunda khona.

Mnqobi:"Uqale enze njena uyakuchwensa uyazi."

Thami:"Ziningi izizathu."

Thobile:"Ngitshele esisodwa."

Thami:"Kwabanye kusuke  kuwukukhulphala kakhulu ngokudlule amaphaphu avilaphe noma akhathale kuthwale umzimba bese isdudla siyaqinana esifubeni.

Kwabanye kusuke kuyisayini ye panick attack kanti okunye kuba yinto eserious njengelung condition ebizwa ngokuthi iCOPD."

Thobile:"Yewena mfana kuchazani lokho?"

Bahleke bantwana bakhe uNqobile ulokhu uzithulele ubheke wonke okhulumayo.

Thami:"Chronic Obstructive Pulmonary Disease."

Amangale uThobile amubheke

Thobile:”Ubuhleleleni sonke lesikhathi ungafundi ngoba kube baningi owabasindisa yazi mina ngineminyaka ngiwudokotela lento ongitshela yona manje ngifunde ngayo kulonyaka ondlule.”

Abheke phansi  uThami alokhu etshontsha uNqobile.

Manqoba:”Mina mawungangiphendula la ngizokholwa ukuthi wena unogesi la ekhanda lakho, ubaba makakubona uyacasuka kungani?”

Agwajaze uThami

Thami:”Angazi ndoda.”

Thobile:”Mina ngifuna ukwazi.”

Thami:”Angazi ma mhlawumbe uzibonela isigebengu esibuya elokshini sizofundisa abantwana bakhe intsangu.”

Manqoba:”Kanti siyayazike intsangu useliwe.”

Thobile:”Uthini?”

Ezwe iphimbo lomyeni wakhe limubiza asukume uThami bandla uvalo akazi enzeni phambi kwaThabiso aphume uThobile avale umnyango.

Thabiso:”Uphi uNqobile?”

Thobile:"Ukahle nami bengizobheka yena uhlezi nabobhuti bakhe."

Thabiso:"Sesizohamba."

Thobile:"Seyisukile?"

Thabiso:"Ibhemile ngifuna kubona abantwana bami."

Amuvulele makangena amehlo akhe ahlale kuThami azishalazelele uThami ababheke bonke.

Thabiso:"Ningalinge niphume ngalesango nina."

Manqoba:"Sho thayma."

Thabiso:"I mean it, uyangizwa Nqobile?"

Nqobile:"Yes daddy."

Abheke uThami bese uyaphuma amulandele uThobile baqhamukele endlini yokudlela sebamile bonke kuyabungazwa. Inyoka ihlezi emahlombe kaSambulo.

Thabo:"Nkosi yesizwe sizozwa ngawe."

Mlu:"Makushaya ihora lesikhombisa sizosuka ngoba uSkhondla bazomubuka ngehora leshumi kuthi abavezele la ekhaya okwenzekayo thina sizobe sesisemnyango."

Biyela:"Bomama abasale."

Kuqhamuke iphimbo ngemuva

“Mina ngiyahamba angisali ngifuna kulanda usesi wami.”

Buthelezi:”Nkosikazi.”

MaButhelezi:”Ngiyahamba Mkhululi.”

Thabo:”Kulungileke izingane zihlale endaweni eyodwa.”

Biyela:”Bazozibheka bomama..”

Kungene udokotela ohamba noScelo athuke uThemba aze asukume amubheke nalodokotela athuke aqonde kuThemba ngqo babhekane. USphe ababuke bobabili uLungile asondele eme phakathi kwabo naye wenziwa ukumangala. Ehlise amehlo lodokotela abuke uLungile amubambe esihlathi uMduduzi asondele naye sekubanjwa izihlathi zenkosikazi yakhe.

Mlu:”Sixakekile sonke singalandelela emva kwalokhu mhlawumbe Baloyi.”

Bavume bobabili

Dr.Baloyi:”Angihlelanga ngishiye ucingo lwami.”

Gabi:”Ngilubonile.”

Alulande abuye azomunika abonge makafika emnyango.

Dr.Baloyi:"Please call me man Scelo has my number please I beg you this is scary."

Themba:"Kulungile."

Aphume basale bebukana uLungile noThemba aze agaxe usesi wakhe ehlombe nalu uvalo luzodlala ngabo emazweni ubani lo ofana nabo ngalohlobo.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 66🌼

EMGAZINI🌼

Kwashaya isikhathi sabo sokuthi bahambe  sebalungise konke abazokudinga, izinkabi zihlomile ziyizingovolo ngaphandle. Iyasho ingoma balinde isuke inqolo pho kumnandi ukuvikela ubukhosi bendawo yangakini.

 Abafuni ngenkosi yabo entsha nakhu phela babona isihluku bebaphila ngaphansi kwaso ngenxa yokuholwa umuntu ongafanele. Masebaphuma endlini uThabo noMandla baye kubo besacula nje bathule isondele neNkosi.

Mlu:"Le akusiyo impi ejwayelekile ihlangene nobumnyama ngifuna kubuya nani nonke niphelele ngicela ningaphaphalazi. Mangithi impi yobumnyama kukhona la izibhamu zingeke zisebenze sizobuya sonke manizolalela nenze enitshelwe kona."

Bonke:"Bayede"

Mlu:"Usungakhuluma ma."

Buthelezi:"Okokuqala nje ngizonifaza ngamanzi nonke kumele wenze isiqiniseko sokuthi uyatheleka. Kukhona esihamba nako okungajwayelekanga ekwami nikuvikele ngazo zonke izindlela kepha kakhulu niqaphe inkosi yenu.

Kunowesifazane esizobuya naye ufana nami igama lakhe uZodwa ozombona ngicela amuthathe akanawo amandla la akhona."

Balinde ukufazwa  ngamanzi bonke ngisho nabomndeni bonke abafaze, kuphume umaThwala.

Thwala:"Nkosikazi"

MaThwala:"Ngiyahamba nami."

Jabu:"Cha mama."

Thwala:"Nami ngiyala."

MaThwala:"Kuyolandwa udade wethu omncane engineminyaka ngingamuboni angifuni kusala."

Babuke usesi wakhe umaButhelezi naye makabuka usesi wakhe abone ukuthi ngeke avume kusala.

MaButhelezi:"Usesithathile isinqumo kepha kungasisebenzela inyoka izothokomala kakhulu masiphelele."

Naye amufaze ngamanzi bakhuleke babhekisise nokuthi kukhiyiwe kahle na bazosala kahle bomama nezingane phakathi. UNtombela asondele kumaButhelezi amudonsele eceleni uButhelezi ashintshe ababukisise.

Ntombela:"Kunento enginayo lapha endlini engaba lusizo angazi nami bengiyibekeleni."

MaButhelezi:"Yini leyo?"

Ntombela:"Kunemamba eyakhishwa lomfana wenkosi endala uMduduzi ngayithatha isendlini."

MaButhelezi:"Ye baba ukahle nje ekhanda uyibekeleni leyonto ngoba mayibona uMduduzi izofuna kumungena"

Ntombela:"Ngeke ngiyilungisile mama bekunzima nje kuthi ngiyibulale, manje ngiyabona ingasizana nale nyoka yomhlolo esihamba nayo."

MaButhelezi:"Komele ngiyibone kuqala ungakayivuleli yazisa inkosi."

Ntombela:"Ngicela wena umtshele ngiyayisaba Inkosi maseyinje izothukuthela kuthi ngihleleleni nemamba eyamosha kanje."

Anikine ikhanda umaButhelezi aye kuMlungisi amazise bonke bezwa

Biyela:"Usahleleleni naleyonto?"

Athule

Mlu:"Nawu umhlolo Ntombela"

Thabo:"Nkosi yesizwe kuzomele sihambe manjeke ngizongena mina ngiyibheke angakayivuleli kuthi ikahle na."

UmaButhelezi ashaye ikhwela bahambe bayogibela aqhamuke uSkhondla sekashishilisa ngesisu phansi izinkabi zibukane zodwa kepha zingakhulumi. Bahambe bayogibela ezinqoleni uSkhondla akhuphuke ngomaButhelezi ayozigaxa okhalweni lwakhe.

Aqale akhuleke naye ayongena emotweni bayakhuleka abakhulekayo, ngale enqoleni yezinkabi kusho izingoma zomzabalazo. UNtombela ugibele kwinqola ephambili noThabo noSambulo bafike kwakhe behlike.

Ayibuke uThabo aneliseke kungene nomaButhelezi ayibuke naye aneliseke abeke noSkhondla phansi zingabonisi igqubu azifaze ngamanzi wakhe ancwele bangene indlela.

Ntombela:"Zikulandela zombili uzobakahle nazo."

MaButhelezi:"Akunankinga baba vele ngifuna zizwe izwi lami."

Impi engajwayelekanga ngisho uMandla akaphaphi namuhla uyakhuleka izinqola zithi mazingena emgwaqeni oya ngakhona kwaMadlokovu zime izinqola kuphume umaButhelezi noThabo kuqala babuke kulomgwaqo uThabo aze acoshame phansi.

Thabo:"Kunomoya waNontombi nguyena obona abantu basangena."

MaButhelezi:"Ngeke asibone nceku yeNkosi ngenxa yamanzi kepha komele bathule ngoba amaphimbo uyawezwa."

Babuyele emuva babatshele kuthi umlomo awungakhulumi bazishiye lapho izinqola zabo bahambe ngezinyawo, kuthulekile sekumnyama manje. Kuzwakala izigi nje balandela umaButhelezi noThabo benoMandla, basaqhubeka bakhuleka ngenhliziyo bonke ngathi batshelene banqandwe isango lakhona uThabo abakhombe ngezandla kuthi abagcwale igceke bakake lendlu benze njalo.

Bamangazwe ukukhala kwabesifazane ngaphakathi uSkhondla alalelisise abuye azimele abone umaButhelezi kuthi kunabanye abesifazane ngaphandle kwaZodwa. Avume ngekhanda amukhombise isthupha kuthi uyezwa uzomubheka, uSkhondla asuke kumaButhelezi ayongena ngefastela lakhe amulandele uSambulo noScelo bangene athuke makabona uZodwa alele sekanciphile akabonakali nakahle.

Avule amehlo ngoba akalelanga ubuthongo uzwela labesifazane abakhalayo athuke makabona uSambulo makamoyizela kubonakale ukuthi amazinyo sekusele aphumele ngaphandle

esikhumbeni ngoba asele nje makhulu. Abeke umuno emlonyeni wakhe kuthi athule angakhulumi, axole ngaphakathi kuye uSkhondla sekazixhumeke kunina.

Ehlike ayogibela uSambulo amangale uZodwa nangu angathuki uSambulo akamunakile nje kuthi wenzani uSkhondla, asondele amubeke isandla esiphongo. Kuzwakale izigi ngathi kukhona ozayo azifihle ngomnyango uSambulo athathe noSkhondla ngoba bamazi engekho, uvuleke umnyango okwezilwanyana kubeke ukudla kwaZodwa kuphume futhi umnyango uvaleke.

Ngaphandle imamba kaNtombela iyazula zula nayo umaButhelezi abheke uNtombela.

Mandla:"Umubheke lo uzobanjwa imimoya yakubo uyoba  yoba unani manje?"

Ntombela:"Ngeke ifuna umzimba ezosebenza kuwo."

Mandla:"Iyanya mayingene kuwe"

UThabo ashaye uMandla emhlane

Thabo:"Shhhhhh."

UmaButhelezi ulinde ngasefasteleni la kungene khona indodana yakhe noSkhondla uSambulo makamubona athathe uZodwa amukhiphe. Bamamukele nezinkabi bese uyabakhomba ngesandla kuthi abahambe uyalandela. UJabu uthalaza abazali bakhe ababone lapha buqamama axole.

UMandla ayodonsa uThemba amubonise uBabalwa amangale naye babhekane.

UThemba uyazi uma bamushiya la  kuyobanzima emndenini waSphe, abuke ubaba kaSphe emile ngale komgwaqo nabobabThobela kanye noButhelezi noMkhaliphi. Ashayeke noma sekazama kuziziba ahluleke.

Themba:”Kumele sibakhiphe nabo.”

Mandla:”Ngeke sibashiye vele kuyabonakala ukuthi abekho kahle.”

UThabo noNtombela balandelane baye kulomfula ohlala ubaba Skhondla bathele amanzi kamamkhulu amanzi aphuhluze igwebu aze abange nomsindo abile bathuke nabo ashunqe nentuthu kushise ngokushesha kucace nje kuthi abila nje ayashisa.

Basuke kuwo imamba isondele nayo ivele igoqobale basuke khona sebajuluke bamanzi nte ukushisa.

UMandla noThemba bangene phakathi nabo endlini basadla baphumulela kuyokwenza izinto zabo. UMandla aphakamise uBabalwa osequlekile uThemba asukumise uncane usazihambela yena baphume nabo. Mabafika ngaphandle babanike izinkabi ziyobagibelisa enqoleni abahamba ngayo.

NoZodwa naye sekakhishiwe uyabona okwenzekayo kepha akanawo amandla okukhuluma. Ngaphakathi aqale amfumfuthe uMkhize asukumise okohlanya amfumfuthe futhi.

Madlokovu:”Kwenzenjani?”

Mkhize:”Kunegazi eliphilayo phakathi kwethu.”

Madlokovu:”Yimina ophilayo kanye nalabafana bami abangaphandle nje"

Mkhize:”Cha leli eliphilayo elinamandla"

Basukume bobabili nobaba kaSkhondla naye aqale amfumfuthe, asukume uMadlokovu ayovulela abafana bakhe nezibhamu.

Mkhize:”Tshabalala ngiyalizwa iphunga lakho.”

Ngaphandle sebemile kuthi bagadle mabaphuma uMandla baqale bashise la abakhona kukhale ubutswinini obuningi.

Themba:”Asisacashanga manje?”

Mandla:”Sebazwile sikhona phuma ushise kulelagumbi ungawuvuli umnyamgo shisela khona mabavula bazohlangatshezwa amalangabi.”

Kwelinye igumbi kukhona uScelo noSambulo

Sambulo:"Ngicabanga ukuthi uphume uyobheka laba abakhishiwe noZodwa njengodokotela."

Scelo:"Ngeke ngikushiye wedwa mina"

Sambulo:"Hamba ndoda sebangenile abanye ngeke kwenzeke lutho."

Ngempela naye aye efasteleni abangene ngalo aphume uscelo.

Baqhubeke bayokhele nangaphandle bayokhela sekuqhuma nezibhamu manje, baphume boMandla noThemba bafaze amanzi wamaButhelezi isimanga ungacishi umlilo ubhebhetheke bahluleka nokusondela kuwo ngoba ushisa ngathi uwumkhuleko.

Madlokovu:”SKHONDLA WENZANI?”

Naye sekaginqana noMporo ngapha bayakhuleka ilangabi selilikhulu nabo sebazimisele ukufulathela babaleke. Babophekile abakhoni kuphuma babaleke bazisindise.

MaButhelezi:"JABULANE UPHI USAMBULO?"

Bonke banciphise amajubane bathalaze  akekho, ngaphakathi uSkhondla usaginqana noMporo uMkhize umulume kudala kwaphela ngaye okwesibili. Asondele noMadlokovu amehlo abo ahlangane awabone avutha umlilo kepha babambane naye amuphose ngezintelezi zakhe ayathe uSkhondla, amemeze umaButhelezi sekeme duzane nomlilo uyashisa nawo.

MaButhelezi:"Khipha amandla wakho ndodana."

USkhondla amubuke azame kuzikhukhumeza kufane ahleke uMadlokovu.

Madlokovu:"Wenziwe yimina wena ngeke ungihlule."

Kuqhamuke imamba kaNtombela emva kwaSkhondla babenethemba nayo ivuza igazi kuyacaca ibadlile abantu. Baqalele bakhuleke amaphimbo angabonakali aqale akhale amemeze amaphimbo ahluka hlukane. Amanye azwakala emoyeni amanye akhona la phansi baqhubeke nomkhuleko agcine athulile wonke amaphimbo.

Imamba kaNtombela iphendukele uSkhondla imulume naye akayinakile ngoba wazi beze ndawonye ajabule uMadlokovu kanti abesethukile. Athalaze indlela yokuphuma sekuvutha yonke indawo ngisho emanzini kuyabila

Thabo:"SAMBULO."

Bonke sebayacinga kepha kunzima kubuyela phakathi nali ilangabi.

Mandla:"Kungenzeka uphakathi noma usenqoleni ngoba ukhishwe nguyena uZodwa?"

Nkabi:"Cha umukhiphe ngefastela yena wabuyela phakathi."

Mandla:"Liphi ifastela?"

Ikhombe inkabi uThemba athwale izandla kwehle nonyembezi olulodwa.

Themba:"Ilegumbi esilivuthise emnyango."

Bathuke bonke umaButhelezi azilahle phansi masebazama kumusukumisa azisukumele yena.

MaButhelezi:"Eyami indodana ngeke ife nemimoya emibi."

Jabu:"Uscelo yena uphi?"

Mandla:"Ngimubonile mina aya enqoleni kobheka labesifazane esibakhiphe phakathi."

Kuqale kube kubi umlilo mawulokhu uqhubeka noMadlokovu sekamane ucasha ngemamba, ubaba kaSkhondla sekafile babulawe uSkhondla benomporo imamba yase ibulala uSkhondla. Kuphuke amafastela phehlelele umsindo wawo, kuphume uSambulo khona alandelwe ilangabi elikhulu ayowela phansi, phambi kwaMadlokovu.

Ngaphandle kuthi bafe uvalo amemeze umaButhelezi.

MaButheelzi:"Sambulo mfanami."

Asondele uMadlokovu sekahleka kakhulu kusondele noMlungisi ngale kwesango eme celeni kwamaButhelezi.

Mlu:"Bafo vusa leslwane"

UMadlokovu ahleke

Madlokovu:"Ufile uSkhondla nya."

Asondele kakhulu uMadlokovu kuSambulo amugxavule entanyeni.

Madlokovu:"Ngiyokubhabhadisa ngamanzi anyoko"

Ahambe naye basithele ngale emfuleni obilayo nabakhulekayo sebafikelwa usizi manje, balokhu bezwa uhleko lukaMadlokovu.

Abaphelele amacebo ngoba noma kungathiwa uyamunqoba uSambulo akukho la angaphuma khona bawubasile umlilo bawunisela ngophethiloli nangamanzi akamaButhelezi.

Sekugqansa imisipha emadodeni ukubamba ubuhlungu umaButhelezi sekasezandleni zomyeni wakhe, bathulile izibhamu sezehlisiwe kuzwakala umsindo womlilo nokuqhuma kotshani, nokutswininiza kwezilwane zikaMadlokovu.

Ushe umlilo

BabThobela:"Kuzomele sihambeni ngoba amaphoyisa azofika abizwe ilelangabi."

MaButhelezi:"Hawuuuuuu Bawo ungenzani ngendodana yami nje ngeke."

Bonga:"Phakama mama sihambe."

MaButhelezi:"Ngizolinda la kuthi ngithole noma ithambo lakhe noma umlotha wakhe."

Buthelezi:”Ngizokulindisa nkosikazi.”

Thabo:”Mama kuyafana ngeke uwazi umlotha wakhe noma singakulundusa la.”

Azithulele angasaphenduli lutho aqhamuke uScelo sekagijima azobheka ashaqwe ilezindaba zikaSambulo kuthi uvalelekile. Naye azibonele kuthi kuyavutha konke la benze isiqiniseko kuthi mabaphaphama nje bangatholi ithuba lokuphuma kanti kuzovaleleka owakubo.

Mandla:”Bomama banjani?”

Scelo:”Bonke badinga isibhedlela.”

Afulathele uScelo angayikholwa nje lento ekhulunywa ngoSambulo, makafika enqoleni sekaphapheme uBabalo ulokhu undwazile nje uyafuthelwa nangaphansi kudala babaphinda.

Babalwa:”Bhuti ngisezinhlungwini sihamba nini?”

Azithulele uScelo

Babalwa:”Bhuti bandla.”

Scelo:”Hhey sisi awungiyeke"

Kushe kuphele kulokhu kunzima kuthi kuhanjwe, kungasabonakali  lutho sekunentuthu nje kuphela bangene bebhocobelele baqonde ngala abasithele khona noMadlokovu umfula usabila namanje sewuqala ukuchitheka futhi kuyabonakala kuthi lamanzi azogcwala yonke  lendawo.

Thabo:”Mmmmm lamanzi ngiwathele kakhulu.”

Bacinge yonke indawo le basathalaza kuvumbuke umuntu kuwo lomfula ubhekise ubuso phansi izimpahla zinyantukile zonke ngoba usemanzini abilayo, isikhumba sibomvu klubhe. Antante aze afike ngakubo uThabo amudonse ngokhuni aluphule esihlahleni avele aphenduke. Bathuke baze bamemeze unamabhamuza ubuso bonke. Amubhekisise uThabo.

Thabo:"UMadlokovu lo"

MaButhelezi:"Ingabe bawisane la emfuleni bobabili?"

Mlu:"Cha angiboni buka isifuba sakhe sinjani."

Basibhekisise lesifuba esibonwa inkosi asukume umaButhelezi.

MaButhelezi:"Angiboni kunani nkosi yami kumnyama phela."

Mlu:"Ukuhwebheka lokhu kungene deep."

Basabukisisa antante uMadlokovu  amugwinye amanzi kuthuleke du angabe asabila nawo, kuphele ihora becinga bagcine sebehamba nabo kancane bonke balokhu bebuka emuva akuhambeki.

Umlilo wokheleke wahamba manje ushisa lotshani obusemaceleni komgwaqo. Bangene enqoleni yabo bahlale kancane futhi. Bayivale isuke bamangale umlilo sovutha khona la celeni komgwaqo. Uvutha ngokulwa nawo uyagijima amalangabi aphezulu ayabonakkala ukuthi akekho ongasinda la.

Bazihlehlise izizmoto ngamajubane, babone kushunqa uthuli phakathi kulomgwaqo ophakathi emaceleni kuvutha umlilo.

Babhekisise kuthi lothuli luqhamuka kuphi babone ngoMlungisi esukuma abhekisisa sekugcwele intuthu eyenziwa amalangabi omlilo nothuli olwenziwa umgwaqo abashayela kuwo.

Mabaphuma nje kulomgwaqo bangena kuthela wayeka wendlela babone ibhubesikazi lenqa amalangabi lize lizoma phambi kwayo inqola. Babange umsindo ukukhala abanye injabulo abakhalayo bathuswa ibhubesi bona.

Mlu:”Nali ibhubesi awusuka madoda SOKWALISA"

Buthelezi:”SONDIYA.”

Thabo:”SHENGE.”

Ehle amaphaphu kumawakhe naye abhekisise ukuthi iyona ngempela na indodana yakhe.

Mandla:”Kwaze kwabukiswa ngathi esingazazi izibongo zakhe, MADOJA UMLILO.”

Ntombela:”Uyopha nangu akanamandla.”

MaButhelezi:”Kufuneka inkosazana uGabsile azobuyela esimeni sakhe.”

Mlu:”Misa imoto mfana agibele.”

Bakhale futhi abangazi kwenzenjani

Babalwa:”Hhayi bhuti bandla lizongena khona la lihlale nathi?”

Mandla:”Hhey vala umlomo wena sonesipepe kube sikuyekile le.”

Azithulele uBabalwa selokhu azithulele uncane wakhe manje unamahloni okuthi nawu umndeni kasesi wakhe nomyeni wakhe lo abemuyele enyangeni kanti uzohlangana nokunye. Bayimise imoto vele ibhubesi seliyayatha nje bazame kulifaka emotweni bahluleke. Ehlike umaButhelezi alibuke ebusweni kahle amoyizele aliphulule.

MaButhelezi:"Ngipheni amanzi ami asekhona nje?"

Thabo:"Kusele amancane"

Mandla:"Bengeke ahlale angapheli bafo ngoba benenza  ishower kulezilwane."

Bangamunaki ngoba uhlala azihhemela nje.

MaButhelezi:"Noma kungaba yitonsi nje uzothola amandlana uzoziyela kuGabsile."

Biyela:"Hayibo uzokwenzanjani yena ngoba lizosishiya lebhubesi."

MaButhelezi:"Inkosi yesizwe  izogibela kulo  ngizotshela yena kuthi benzeni. Nakhu izingcingo azisebenzi zonke."

Ehlike uMlungisi  amuyalele umaButhelelzi kuthi enzeni uGabsille, lihlale phansi agibele uMlungisi makaqeda nje kuhlaliseka kahle lisuke ngejubane nabo balandele. Bezwe sekukhohlela uZodwa kancane.

Zodwa:"Sisi."

Ayohlala celeni kwakhe umaButhelezi

Zodwa:"Ngiyaxolisa ngane kama."

MaButheelzi:"Shhhhhhhh yazi sihamba nobani?"

Anikine ikhanda amukhombe umaThwala athuke uZodwa abeke isandla emlonyeni wakhe izinyembezi ziphume ngathi beziduzane kuye, ngokushesha nje.

MaButhelezi:"Asiyeni esibhedlela"

Bashosholoze baye khona uMandla ulokhu ubuka uBabalwa la endleni abuke abheke le naye aze abone ukuthi umubhekile.

Babalwa:"Bhuti kanti wangibuka kangaka ngikwenzeni?"

Mandla:"Ukuthi ngiyazibuza ukuthi benenziwani lapha."

Athule angasasho lutho bafike esibhedlela babehlise, bafikele ezandleni zikadr. Baloyi akhulume noScelo kancane bese uyabuya uyagibela. UmaButhelezi alandele benomaThwala.

Thabo:"Singahamba bazosishayela masekaqedile."

Bahambe vele babaphushe bayobahlolisisa kahle, udr.Baloyi akhangwe uBabalwa amabuke naye uBabalwa amangale aze azibuze ukuthi uThemba ungudokotela na wehlile naye wazogqoka ijazi lakhe. Abuye azibuze kuthi ingabe seyiyasebenza lento abenziwe yona athule. Babaphushe bayobacilongo bonke bathi badinga kuyohlanganiswa futhi.

Dr.Baloyi:" Ave umuhle sesi ukube awukho kulesimo okuso manje ngabe ngizithathela wena ngikwenze inkosikazi yami."

Ashayeke uBabalwa amubuke lodokotela uthini kuye na, acabange kuthi unayo imali vele ungudokotela ngeke ahlale.

Babalwa:"Usho siphi isimo dokotela?"

Dr.Baloyi:"Wena ngeke uphinde ubekahle noma singakuthunga sikuphethe wena ulimele kakhulu ngaphakathi, kona sizokuvala kepha indaba iphakathi uvithikile ngeke uphinde ujabule noma ukhone ukujabulisa umyeni wakho, ngoba ungumgodi ngiyaxolisa sesi"

Abheke phansi uBabalwa azisole vele....

Ebukhosini bafike uSambulo noMlungisi kukudala bafikile sebazivalele noGabsile njengokusho kukamaButhelezi. UNtombela avele aqonde egunjini abalayelwa lona noThabo amulandele bamufice elele uSambulo sebamufake nebhandishi la alimele khona. UGabsile umubukile nje akalelanga boThabo baneliseke baphinde bavale umnyango.

UBabalwa asale nenhliziyo ebuhlungu yilento ayitshelwa uDr.Baloyi. Amehlo elokhu ebheke njalo emnyango ugade kuthi ubaba wakhe angene phela umubonile naye empini.

UZodwa naye sekathungiwe bamubuyisela ewodini lakhe wafika abosisi bakhe bamulindidle kepha akababoni ngoba ulele vithi....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 67🌼

ESIBHEDLELA 🌼

UmaThwala nomaButhelezi azange bamushiye usesi wabo esibhedlela bebehamba mabayogeza babuye futhi sekuphele isonto lonke namuhla uyakhishwa.

Zodwa:"Uthando elinginike lona angazi ngibonge ngithini."

MaThwala:"Akudingi nokuthi ubonge sesi kumele sinakekelane."

Zodwa:"SisNokuthula umusa wakho uyangiswabisa emva kwayo yonke leminyaka ngikuhlupha."

MaButhelezi:"Sekwandlula sisi asingagxili lapho asibuke phambili."

Zodwa:"Banjani abantwana?"

MaButhelezi:"Asambe siye ekhaya kukhona okumele ngikutshele kona."

Zodwa:"Kuzwakala kuthusa nje?"

MaButhelezi:"Kona akumnandanga sisi, izingane zonke zikahle uGabsile uwutholile umndeni wakhe."

Zodwa:"Endlini bake baya nje selokhu nganyamalala?"

MaButhelezi:"Asikaze siye emzini wakho besingazi nokuthi unyamalele konke kucace mzukwana kuvela lenyoka ebukhosini."

Abheke phansi uZodwa akhale

MaThwala:"Kwenzenjani manje?"

Zodwa:"Uyazi bengingazi nokuthi ngizenzeni ngalenyoka."

MaThwala:"Iyona ebe lusizo ubuntu bebukhona kuyona."

Zodwa:"Yona iphi iyokwenziwani?"

MaButhelezi:"Isilwele lenyoka futhi wena uphume lapha kungenxa yayo, kepha bagcine bayinqoba."

Zodwa:"Angazi ngizizwe njani"

MaButhelezi:"Bekungeke kulunge vele kube iphilile bengizoyibulala mina, ngoba bekuyohamba kuhambe kuvuke ububi kuyo ngob idalelwe bona, lokhu kuyabonisa ukuthi ubumnyama abuhlangani nokukhanya."

Zodwa:"Sisi ngicela ungihlanze."

Babukane bosisi laba baze babambame ngezandla kungene uDr.Baloyi abanike amaphepha abawalindele. Isonto lonke umaButhelezi uyamubona uDr.Baloyi kepha akagxilanga kuye namuhla amubheke.

MaButhelezi:”Baloyi ndodana.”

Dr.Baloyi:”Mama uhlezi ungibuka kepha kubenzima kuthi ngikubuze.”

MaButhelezi:”Ndodana kunesithombe bengisibona ngawe kepha singacaci manje kuvele kwabha konke kwakhanya.”

Dr.Baloyi:”Bengingakholelwa kulezinto lezi kepha selokhu ngiye ebukhosini ngabona izinto ozenze kuleziya ngane ezilunywe inyoka ngicabanga angiqedi ngawe, ma.”

MaButhelezi:”Ngidinga ukuthi uze ekhaya, la engihlala khona.”

Dr.Baloyi:”Ingabe kumayelana nani?”

MaButhelezi:”Kumayelana nomndeni wakho, ababili usubabonile.”

Dr.Baloyi:”Ngempela?”

MaButhelezi:”Manje ngoba ukhipha usesi siyahamba sibuyela emuva ngicela uthathe inombolo yami.”

Dr.Baloyi:”Mama ngizonilandela ngemuva asikho isidingo samanombolo, ngiyazibuza nje ngempilo yami.”

MaButhelezi:”Umndeni unawo?”

Dr.Baloyi:”Ngiqeda kuhlukanisa nenkosikazi manje, umama  ukhona kepha uhlala endaweni yakhe.”

MaButhelezi:"Thatha inombolo yami mfana uhambe uyolanda unina nize nobabili, ngibona usizi lwezingane empilweni yakho."

Dr.Baloyi:"Anginazo izingane ma inkosikazi izele izingane ezintathu ngithole mveni ukuthi akusizo ezami lokho kwenza ukuthi ngiyozihlolisa ngempela bathola ukuthi angizalisi angina nzalo"

Amoyizele umaButhelezi asondele kuye amubambe ngezandla.

MaButhelezi:"Bekungasiyo inkosikazi yakho, inkosikazi yakho la ekhona nayo idukile ayizazi ishoda ngani nizohlangana. Nizothandana kakhulu futhi uzoba yikho konke kuye naye abe yikho konke kuwe. Ngiyayazi inkosikazi yakho ngiyamangala ngangingaboni ngani sonke lesikhathi, umukhwe wakho usumubonile futhi. Indoda enamandla engazwani nokubheke celeni."

Dr.Baloyi:"Mama nginomzwangedwa ngicela ungimukise kuye."

MaThwala:"Cha nizozihlanganela ngokwenu konke ngesikhathi sakhona, okwamanje asilungise lokhu kuqala."

Dr.Baloyi:"Ngizomushayela ucingo umama ngimutshele alungise."

MaButhelezi:"Ungamutsheli ukuthi niyaphi, uthanda izinto angithi mutshele kuthi uyamukhipha nje. Mawungamutshela ngekeBavumeBukuhamba."

Dr.Baloyi:"Kulungile ngiyabonga ma."

Abhale okuthile kwifayela laZodwa alithathe makafika emnyango abheke emuva futhi.

Baloyi:”Mama akusiyo lentombazane enifikisane nayo uBabalwa ngoba ungihehile angikhoni kuhlala ngingamuhloli, kodwa ngiphazanyisww isimo akuso."

MaButhelezi:”Lowo uzishintshele yena izibusiso zakhe ngoba wanikwa ithuba lokushintsha kaningi wangakhuzeka manje sekwenzeke okunye. Yena bekuzoba nguye uyazi mabathi twisted fate"

Amoyizele uBaloyi

Baloyi:”Okungenani ngitshele mangabe muhle lonkosikazi ongilindise kangaka ma.”

Bahleke bonke ngisho naboZodwa

MaButhelezi:”Ubathanda babahle unguphuma langa sikothe yena."

Baloyi:”Twisted fate ma.”

MaButhelezi:”Twisted fate ndodana."

Aphume sekashaya ikhwele  abelinde isonto lonke kuthi uThemba amushayele nakhu angamushayeli, yena uyasaba kanti noThemba uyasaba akazi nokuthi athini kumawakhe ngalomuntu ofana naye kangaka. Kufike uThwala noButhelezi ashalazele uZodwa makabona uButhelezi, ubabhekile umaButhelezi akafuni nje ngomyeni wakhe manje.

Buthelezi:”Unjani Zodwa?”

Zodwa:”Ngiyaphila.”

Buthelezi:”Asambeni sthandwa sami  kuzondlula lento, mina ngifuna kuyophumula manje.”

MaButhelezi:"Uzophumula baba ungajahi."

Zidwa:"Uma inkinga ingekho sisi ngicela ukuyolulamela kwakho sisNomahlubi, nginamahloni alento engayenza."

Babukane

MaButhelezi:"Uzolala kwami namuhla uzohlanzwa isono sakho sosijezele manje inhlanzeko ngeke ithathe isikhathi esiningi. Kusasa uzobese uyahambake."

MaThwala:"Kulungile sizolala kwakho namuhla sonkeke sizohamba naye."

Bathathe izinto zabo baphume amabombo sewabuyela emuva...

UBabalwa abezihambela nje ephasijini lasesibhedlela wezwa iphimbo likaDr.Baloyi walilandela abesewodini nabomaButhelezi.

Wema lapho wezwa okushiwo uDr.Baloyi makathi uzithandele yena ingabe nguyena ozoba umkakhe na, impendulo kamaButhelezi imuzwise ubuhlungu walimala. Ubese uyasuka lapho emnyango naye sekabona ukuthi useyibhokosi nje ephila.

Umndeni wakhe usamuxhasile kepha uSphelelo wakubo akasamubuki ngenhlonipho, akusafani nje naseqaleni. Umuntu ongakamushintsheli umawakhe umaMkhaliphi.

Abuyele ewodini lakhe azame ukulala kufane kuze kungene udokotela amuhlole abhale okuthile.

Babalo:"Ngizophuma nini dokotela?"

Dr:"Kunemiphumela esiyilindile sikudonse igazi  sizobona ngawo, kodwa usukahle manje."

Babalo:"Ewani lawomagazi eningidonse wona?"

Dr:"Sisi lento eyenzeke kuwe ibhlungu futhi ayichazeki mayibuya uzokwazi konke."

Babalo:"Kulungile."

Makaphuma kungene uncane wakhe sekagqoke izimpahla zakhe kahle.

Ncane:"Ngane yami unjani?"

Babalo:"Wena awungiboni?"

Ncane:"Hawu sesi kwangathi ungithukuthelele nje ngenzeni mina kanti?"

Babalo:"Ungimoshele impilo ncane."

Ncane:"Kwawena ubufuna angikuphoqanga mina, nami ngivelelwe ilento ekuvelele."

Babalo:"Njengomuntu omdala mangiza kuwe bekumele ungikhuze ungibonise indlela kodwa cha wangigqugquzela, ngiyakuzonda ngize ngizonda kwalegama leli owangipha lona, phuma."

Ncane:"Babalo ngingumawakho ungakhulumi nami ngalohlobo."

Babalo:"Ungumama makufuna wena uyisifebe wathatha ubufebe bakho wangifundisa bona. Bekumele ungikhuze."

Kungene umaMkhaliphi noMkhaliphi kanye noSmanga ababheke ngoba kuyezwakala bebelwa.

Babalo:”Nangu umama wami, wena awunaki ngisho izingane zami kodwa ubuphethe ungifundisa ubuthakathi. Ngiyakuzonda kuthi walala nobaba ukube azange ufebe bengeke ngibe kulomhlaba noma bengeke ngivele kuwe. Mama ngicela umukhiphe ngiyacela.”

Akhale uBabalo kuze kube buhlungu nakumndeni wakhe, asondele umamMkhaliphi amuhage amuthulise akhale naye.

Babalo:”Mama ngiyaxolisa ngokukuhlupha ngicela ningibizele uSphe nezingane zami ma ngiyakucela.”

Mkhaliphi:”Ingane seyishilo kuthi uphume, Smanga muphelezele"

Ncane:”Angazi ukuthi ngikuphi la sisi ngicela ningilayishe.”

MaMkhaliphi:”Silinde ngaphandle.”

Mkhaliphi:”Sihamba naye?”

MaMkhaliphi:”Noma enzeni usengusisi wami baba.”

Smanga:”Asambe ncanes.”

MaMkhaliphi:”Ukuze ukhululeke nawe sesi komele uxolele umawakho ngeke uphile kamnandi nalenzondo onayo.”

Babalo:”Ngiyazi ma kepha okwamanje ngicela ningibizele uSphelelo nezingane zami zonke.”

MaMkhaliphi:"Ngizoza nabo kodwa angicabangi lo omncane bazomuvumela angene la."

Babalo:"Sengiyakwazi kuzihambela, ngizoya kuye ngaphandle ukuthi ngibabone nje."

Mkhaliphi:"Kulungile ubaba uzobalanda sesi ungasakhali sonke siyawenza amaphutha okubalulekile kumele sifunde kuwona. Wena sekumele uziphe usikhathi nabo."

Babalo:"Pho uSphe uzovuma kuza?"

Mkhaliphi:"Uzoza usesi wakho akakuthukuthelelanga ukuthi akasazi akubuke njani ubaba uzomushayela manje, basasebukhosini nomyeni wakhe."

Babalo:"Ngiyabonga baba."

Smanga:"Mamzo asihambe isikhathi sesiphelile."

Babalo:"Hawu Smanga awukangikhulumisi nje."

Smanga:"Ayyy sizokubona Babalo bazolethwa yimina abashana."

Baphume nabo asale akhala aze azumeke……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMAHLUBINI🌼

UThami uzihlezele egunjini lakhe uyafunda ngoba uyabhala ngoMsombuluko, futhi uhlala azihlezele khona ngenxa yokuziba ukuhlangana noThabiso. Asafunda nje kubekhona okokodayo uyazi ukuthi ilabafana bahlala bamulandela.

Thami:”Ngena Manqoba"

Uvuleke umnyango makaphakamisa amehlo abone uThabiso athuke asukume ngokushesha.

Thami:”Sawubona.”

UThabiso afake izandla emakhikhini amubuke uThami abheke phansi.

Thabiso:”Ngibone uhlelo lwakho lwasesikoleni, uyabhala kusasa.”

Thami:”Eya ngiyabhala.”

Thabiso:”UManqoba usimangazile ngemiphumela yakhe ingabe ubumunika izimpendulo?”

Thami:”Cha ngiye ngamusiza nje lapho nalapho.”

Thabiso:”Kanjani ngoba kudala simusiza sinomawakhe uManqoba ngalesifundo njalo abesiphoxa?”

Thami:”UManqoba uyashesha ukubamba uma umuyeka azifunele izimpendulo yena, bengimenzela amanotes kanye nezimpendulo ezahlukene bese ngithi azifunele kanjalo kubalula kuye, uhlulwa ukufunda into ende.”

Thabiso:”Ngamanye amagama kumele azenzele yena iresearch?”

Thami:"Eya."

Thabiso:"UMnqobi yena umsize kanjani?"

Thami:"UMnqobi uyavilapha yena ufuna konke kulethwe kuye, unzima"

Thabiso:"Umenze kanjani afunde?"

Thami:"Ngihlale naye safunda ndawonye makanomuntu uyakhuthala."

Thabiso:"Mawufika la ngezwa ngicasuka angifune bafana la uyazi angithi nginengane yentombazane?"

Ashalazele kakhulu uThami

Thami:"Ngiyazi"

Thabiso:"Angikufuni duze naye angifuni kubona ngisho iso lakh libheke ngakuye, ngake ngaba umfana ngiyazi mawuzohlaliswa la ekunentombazane khona ubanani ekhanda lakho. Khipha yonke leyonto mangabe ikhona siyezwana."

Thami:"Ngiyezwa."

Thabiso:"Ngibheke emehlweni."

Amubheke ngokusaba kepha aziqinise

Thabiso:"Angikufuni duzane naye noma kungathiwa kwenzakalani siyezwana?"

Thami:"Ngiyakuzwa"

Thabiso:"Ngiyabonga kakhulu ngalokhu okwenzele labafana, qhubeka ufunde mawuqeda ukubhala ngoMsobuluko ngizokulanda nginecala engiya kulo enkantolo uzobona okwenzekayo."

Thami:"Ngiyabonga kakhulu babTshabalala"

Aphume uThabiso avale nomnyango asale adonsa umoya kakhulu uThami uvalo, kungene umlayezo ocingweni lwakhe alubheke amoyizele yedwa.

Nqobile:*Hey hitman"

Thami:"Ngizoba uhitman kuze kube nini?"

Nqobile:"You are my hitman"

Thami:"Mangingagadiswa wena, ngingaba inkabi yakho noma kumele ngiphathe isibhamu esilingana  namehlo wakho amakhulu.*

Nqobile:*Bengikuhlola nje ukahle?*

Thami:*Ngikahle  ithi ngifunde ngizokuthinta mangiqeda.*

Nqobile:*Good luck.*

Thami:*Thanx*

Ahlale adonse umoya acabange lenkulumo aqeda kuba nayo nobaba kaNqobile, abone ukuthi kumele athole indlela yokuhamba kulamagceke ngoba uyayithanda lentokazi ewuNqobile kanti nobaba wayo akafuni ngayo.......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMGAZINI 🌼

Umndeni kaBiyela uhlezi kamnandi bayazixoxela, abangani nezihlobo sezihambile ngob bekuphithizela esontweni eledlule. Kusele uMandla noThabo ngoba bafuna ukuqinisekisa kuthi ngempela bafile boMadlokovu.

Bebakhuleka njalo ebusuku nabo bayahamba namuhla. Kuphume uThemba noSphelelo endlini nesikhwama sabo endlini bayosifaka emotweni.

MaBiyela:"Ngizosala ngesizungu bandla ave uzilungele Sphelelo."

Sphe:"Sizobuya kepha masengikhululekile."

MaBiyela:"Uqinsile mntanami uNkulunkulu abe nani."

UThemba axhawulane noBiyela, noMduduzi kanye noMlungisi.

Biyela:"Hawu makoti usuyahamba nawe futhi?"

Themba:"Sifuna kuyolingisa indaba yalodokotela baba, phela akusiko kufana kwabantu lokhu"

Mlu:"Nawe uyazibona kuye."

Themba:"Kakhulu futhi yena ngathi ukubaba kakhulu. Mdu ngiyaxolisa ngizomubuyisa."

Mdu:"Kulungile bhuti."

Biyela:"Umani uyavuma nje lomfana manje uzobe sekanilandela thula ubheke uzosho ukuthi ngikutshelile."

Bahleke bayogibela emotweni makathi uyayihlehlisa kuqhamuke uNtombela esangweni ehlike evenini yakhe nesikhwama. Aphakamise izandla zombilo emoyeni aye ngasohlangothini lukaThemba.

Ntombela:"Ndodana bengicela ukuhamba nani."

Ehlike emotweni uThemba abheke uNtombela

Themba:"Ubaba ufuna ukuyaphi?"

Agwajaze uNtombela abuke uBiyela naye umangele ufuna ukwazi ukuthi uyaphi ngoba nguyena ogade ubukhosi.

Ntombela:"Ngifuna kuyoxoxa nomama wakho ekhaya ngodaba olubalulekile ndodana."

Themba:"Baba ingabe kumayelana nalodokotela?"

Ntombela:"Cha ndodana, yebo ndodana."

Amangale uThemba aphakamise amehlo abukane noMlungisi.

Mlu:"BabNtombela ingabe kubaluleke kakhulu na kuthi uze ushiye ubukhosi, isitha siqeda kufa asinaso isiqiniseko kuthi sibhubhe ngempela ngoba sake safa sabuye savuka."

Ntombela:"Nkosi yami sibhubhile isitha."

Mlu:"BabNtombela angithi ubuhlezi nenyoka wasitshela ukuthi ngeke isijikele kwenzakaleni manje, angiyizwisisi into ekuhambisayo. Uma ungakhuluma into ezwakalayo ngizokudedela uma ungazi nawe cha ngiyakunqabela awuhambi. My authi nihambe kahle ungazise uma kukhona okudingayo."

Themba:"Sho my authi ngiyabonga."

Abafulathele abuyele endlini phakathi uMlumgisi,  uNtombela asale adonsa umoya.

Ntombela:"Ndodana ngicela ungilinde ngiyokhuluma nenkosi."

Avume uThemba abeke isikhwama sakhe phansi uNtombela alandele inkosi makaqhamuka eme kancane.

Mlu:"Iza nobaba."

Ajike abize uBiyela angene naye bahlale phansi babheke uNtombela.

Ntombela:"Nkosi yami ngifuna kondlulisa umlayezo sengihlale nawo isikhathi eside sewuyangisinda ngicela izinsuku ezintathu nje vo."

Mlu:"Ngeke uphathise uThemba lowo mlayezo?"

UNtombela abheke uBiyela babukane isikhashana.

Biyela:"Nkosi yesizwe uNtombela uhlala yedwa manje ngathi inhliziyo ithathekile kumama wamakoti, ucela kuyozibika nje kuye bese uyabuya."

Bezwe ngomsindo wohleko mababheka uMandla noThabo sebaphethe izikhwama zabo nabo bayahamba,  kepha uMandla uhleka yedwa uThabo uzithulele nje.

Thabo:"Sizokulinda ngaphandle nkosi yesizwe."

Avume ngekhanda uMlungisi.

Mandla:"Bhuti mina ngikhumbule inkosikazi yami manje, ngicela sivalelise sihambe. Lendaba yababa uNtombela izothatha isikhathi."

Mlu:"Uyazi ngani kuthi izothatha isikhathi? Ngilindeni ngiyafuna kunibonga kahle."

Ahlale phansi uMandla amuhlahlele amehlo uMlungisi.

Thabo:"Mandla awuyeke ukudlala nami ngifuna ukuhamba."

Mandla:"UbabNtombela uzocela ukuyoshela le sonke simadoda siyazi kuyashelwa vele."

Anikine ikhanda uNtombela, amoyizele uMlungisi noBiyela.

Mlu:"BabNtombela ungakhululeka kepha ubuye emva kwalezo zinsuku ezintathu ngoba ngizokudinga uyabona nezinceku ziyahamba namuhla."

BabNtombela:”Ngiyabonga nkosi yami.”

Mandla:”Uzokukhombisa umamBaloyi"

Thabo:”MANDLA"

Mandla:"Vele"

Azithulele uNtombela aphume uMandla asale ahleka.

Biyela:”Ndodana namanje ngisahluleka kuqonda ukuthi ukhona kanjani ukuzihlanyela bese ukhulekela abantu"

Mandla:”Baba mina inkinga yami ukuthi angikwazi kuvala amlomo namehlo, mangibona into ngiyayikhuluma. Njengo babNtombela ngamusola ngomshado kaThemba ngabuye ngazikhuza nanguke sekacela imvume yokuyoshela. Manje nkosi yesizwe.”

UThabo amungene emlonyeni

Thabo:”Ngeke aqede ukukhuluma nkosi yesizwe umsebenzi wethu usuphelile sicela indlela"

Mlu:”Zinceku ngeke ngikhohlwe usizo eninginike lona  makukhona enikudingayo  ngicela ningazise.”

Thabo:”Thina asikhokhisi nkosi yesizwe izibusiso zethu zibuya emazulwini, unganceni kusibiza makukhona abafuna ukufaka isandla sesinxele ebukhosini.”

Mandla:”Mina ungangibizi mangabe kuzobe kukhona lomzala waboSambulo kunini ngimuphupha”

Bahleke kakhulukazi  uBiyela

Biyela:"Wena ndodana kodwa lezinto ozikhulumayo uzicabanga nini na."

Thabo:"Ufuna induku lo."

Mandla:"Uyangithanda kodwa awukhoni kuhamba ngaphandle kwami, njalo uyangimema ngathi ngiyi under yakho, kodwa ngiyajabula angisiyiyo ndoda wena under yakho ayigoqeki inkulu kakhulu. I wonder eyaNtombela ingakanani ngoba ayoshela nje."

Adazuluke uMlungisi uhleko aze amubhambathe ehlombe azikhohlwe naye ukuthi uyinkosi izisebenzi zize zibabheke inkosi yabo seyihleka kangaka.

Thabo:"Mxm nisale kahle nkosi yesizwe nawe baba."

Biyela:"Nihambe kahle madodana ami, Mandla ngicela ubuye noma impelasonto eyodwa nje."

Mandla:"Mina ningibize makunokudla nje  ngizoza ngigijima."

Bahleke baziphumele bayongena emotweni yabo nabo bahambe uBiyela noMlungisi basale bahleka bodwa.

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 68🌼

SPHELELO 🌼

Sebasendleleni uSphelelo nomyeni wakhe kanye noNtombela kukhale ucingo lwakhe alubheke ubaba wakhe.

Sphe:”Sawubon ababa.”

Mkhaliphi:”Unjani sesi?”

Sphe:”Ngiyaphila baba wena?”

Mkhaliphi:”Angikho kahle ngane yami.”

Athuke uSphe

Sphe:”Kwenzenjani baba?”

UThemba amubheke makezwa lokho.

Mkhaliphi:”Usesi wakho uyakhala mntanami uthi ucela ukukubona.”

Sphe:"Ufuna kuthini kimi baba ngoba akukho esingakukhuluma."

Mkhaliphi:"Uyazisola mntanami ngicela umuphe indlebe ngoba nisekhona la."

Sphe:"Baba mina angazi ngithini mangibona uBabalo lezinto azenzile kungichithela umuzi wami zingibonisile ukuthi akangiboni njengengane yakubo encane."

Mkhaliphi:"Mina ngiyakuzwisisa sesi kepha ngicela uyomuzwa uthini bese uyahambake, makungakavumi kuthi umxolele uzobese uyahambe."

Kuzwakale iphimbo lamawakhe ngale.

MaMkhaliphi:"Baba ngicela ukukhuluma naye."

Amunikeze ucingo

MaMkhaliphi:"Nana."

Sphe:"Yebo ma."

MaMkhaliphi:"Unjani umzukulu wami lapho kuwe?"

Amoyizele abeke isandla sakhe esiswini noThemba amubuke amoyizele yedwa naye asilule aphulule isisu sakhe, abuye akhumbule kuthi bahamba noNtombela azikhuze asisuse aqhubeke ngokushayela.

Sphe:"Ukahle ma kodwa yathanda kungidlisa ushukela noma ngizama kunciphisa kuyafana akuyekeki"

MaMkhaliphi:"Ungabulalisi ingane ngoshukela."

Bahleke bobabili

MaMkhaliphi:"Mntanami ngiyazi uBulelo wenze into embi kabi  engabukeki kepha ngicela uzincenge ungabi negqubu kuye ikakhulukazi manje ngoba ukhulelwe."

Sphe:"Angazi okumele ngikusho kuye ma, angazi nokuthi ngimubheke kanjani."

MaMkhaliphi:"Ukungakholwa into akwenze yona sesi kuyazwisiseka."

Sphe:"Ubaba uthi ufuna kungibona?"

MaMkhaliphi:"Yebo sesi ucelile kuthi ufuna kukubona ngiyacabanga ufuna ukuxolisa, ingabe senihambile?"

Sphe:"Siqeda kuphuma ebukhosini ma."

MaMkhaliphi:"Cela kumkhwenyane akulethe esibhedlela uzongithola khona."

Sphe:"Ulokhu usesbhedlela?"

MaMkhaliphi:"Cha kunendawo eqhashisayo uSmanga asiqhashele yona ngoba bekunzima ukushiya uBabalo eyedwa. Silala lapho nobaba wakho ingasesibhedlela wena mawufika ungazise."

Sphe:"Ngizoza lapho ma uSmanga yena uyithathaphi imali yokunibhukhela ihhotela?"

MaMkhaliphi:”Ubhuti wakho ukhulile manje uvusa ishishini lika baba wakho lezinkukhu, ziyamuthanda nazo ngoba ziningi. Manje sekaze wathenga izingulube ezimbili seyimithi nje le.”

Amangale uSphe aze amoyizele

Sphe:”Siyeza ma.”

Aluvale acele umyeni wakhe

Themba:”Uzobakahle kukhuluma naye?”

Sphe:”Ngizobakahle.”

Themba:”Bab'Ntombela sisangena la kuyovalelisa abazali bakaSphe"

Ntombela:”Kulungile ndodana yami.”

Aswace uThemba aze amubuke esibukweni ngoba uhlezi emuva, uNtombela uzibhekele efasteleni athule angasho lutho yize amangazwa ilento amubize ngayo. Bafike kulehhotela ashayele umawakhe uSphe abatshele bakuliphi igumbi.

Ntombela:”Nami ngehle ndodana yami?"

Themba:”Kukuwe baba angazi"

Ntombela:”Ngizonilinda la ngaphandle.”

Bahambe bafice sebabalindile babingelele

Sphe:”Ma asihlelanga.”

MaMkhaliphi:”Buyake sizokhuluma ngapha sesi.”

Mkhaliphi:”Cha akuphume thina mkhwenyane bazosala bahleba kahle bangashiswa ilanga.”

Bazihlekele baphume umaMkhaliphi asale akhomba uSphe kuthi ahlale phansi celeni kwakhe.

Sphe:”Uphi manje uSmanga?”

MaMkhaliphi:”Uyolanda izingane zikaBabalo ngoba abezikhalela nazo, futhi uphelezele noncane wenu.”

Sphe:”Sebamukhiphile yena?”

MaMkhaliphi:”Yebo ngane yami uBabalo ufuna kuxolisa kuwe.”

Sphe:”Mama angithi ukube yenzekile intando yakhe manje umshado wami kube uhlanga hlangene, uBabalo namanje angizwisisi kuthi angayenza kanjani into enjena.”

MaMkhaliphi:”Intando yakhe ayenzekanga ngoba usuyakhuleka manje, izinto ezinje ziyenzeka kepha uma ukhuleka akubi nawo amandla. Buka abethi uyakumoshela impilo kepha kumosheke eyakhe. Mina ngicela uyokhuluma naye umuxolele futhi.”

Sphe:”Angazi ma angimuzondi uBabalo kodwa kunzima ukumbuka nje.”

MamKhaliphi:”Yazi ubabakho wake wangena ogibeni ungakaveli wathandana noncane wenu"

Amangale uSphe

MaMkhaliphi:"Bathandana sesi waze wakhulelwa umamncane wenu, umshado wami wamosheka iphutha lami kwakuyikho ukuzenzela izinto ngamandla ami kanti ngangidinga uNkulunkulu kuwo. Yavela ingane yabo ngabona lapho ukuthi ngiyamuthanda umyeni wami le ngeke ngivume yenzeke ngayothatha lengane yabo. Nguye uBabalo."

Sphe:"Hayibo ma usho ukuthi uBabalo ingane kababa noncane? yingakho uncane wayehlala ethanda yena kunathi sonke."

MaMkhaliphi:"Into eyenze ukuthi ngikutshele ukuthi ubone ungakhona ukumxolela noma ungeke usamuthemba noma ukhululeke makathi uzokuvakashela. Ngamuxolela usesi wami kepha ngenza isiqiniseko sokuthi angimufuni kwami.

Nguyenake owafaka uBabalo kulendlela ayiyo ngoba wamufundisa kuthanda umuthi kakhulu. Lento ayenza kimi abezama kuyenzisa uBabalo kuwe xola sesi. Mina ngaxola noma sekunengane wena ngeke uhlulwe yilokhu igqubu alikho kahle ngoba kulimala wena yena abe akahle."

Ahage umawakhe kakhulu uSphe

Sphe:"Ngizoya kuye ma ngizolwamukela futhi uxolo lwakhe."

Bahagane umaMkhaliphi amuphulule isisu

Sphe:"Ithi sihambe ma sizokwazi ukuqhubeka ngohambo lwethu."

MaMkhaliphi:"Isikhathi sezivakashi asikashayi lindani kancane."

Sphe:"Ma umyeni wami uzongingenisa lapha ungakhathazeki."

Ahleke umawakhe

MaMkhaliphi:"Ohhhhh woshi mame waze wamthemba umyeni wakho bo."

Sphe:"Kakhulu ma ubhova wami loya, kodwa angikholwa namanje ubaba nomamncane."

MaMkhaliphi:"Umhlaba lo ndodakazi yingakho ngihlala ngisho ukuthi guqa ukhuleke usathane akazwani nomshado. Kumele ukhuleke noma kungekho okubi okwenzekayo ungalindi isimo esibi."

Basukume baphume bafice uThemba noMkhaliphi bayamele emotweni uNtombela uhlezi phansi obhuqwini unabile.

MaMkhaliphi:"Nihamba nalenyanga?"

Sphe:"Eya ma naye angavele ahlale njengomfazi kanje."

MaMkhaliphi:"Nami uyangimangaza yazi."

Bavalelise bangene indlela

Themba:"Siyaphi muntu kaThemba?"

Sphe:"Esibhedlela kuyokhuluma noBabalo umama uthi uyangifuna azoxolisa."

Amemeze uNtombela abhodle bamubheke

Ntombela:”Iyoooooooo tshitshitshitshi  hayimaan sies, usho kubani yerrrrŕr.”

Ashaye ikhwela uThemba ashaye isondo lokudriver akhiphe imoto emgwaqeni ayimise ngenxa yokucasuka kepha angasho lutho ngenxa yenhlonipho. UNtombela akakhulumi kancane uyamemeza akubekezeleki nje.

Ntombela:”Bathini boJili boBinda yebo nguVilakazi yena,,, hhayi angazi angazi angazi, lijikile ikusasa amafu ayaguqubala. Hhayibo iyoooooooo mamukeleni mulandeni, ncncncnccncnc kulungile bogogo, kulungile bokhokho ngiyisithunywa mina.”

Bamulinde akhuluma yedwa kepha uSphe umangazwa ukuthi uzwe nesithakazelo sakubo kulento yakhe abeyisho. Ngesikade aphaphame emoyeni wakhe uNtombela.

Ntombela:”Makoti ungayi kudadewenu ngoba ufuna kukubona bese uyazibulala, mawungayi ngeke abe naso isibindi sokuzibulala angakakuboni.”

Basamangele nje

Ntombela:”Nezingane zakhe azingayiswa kuye usile ufuna ukushiya umhlaba kanjalo, ugogo uthi uzomulanda vele ngeke bamusindisi kepha uzosindiswa ukuthi nina ningayi kuye, mangabe uyakholwa makoti shayela umawakho umazise, simeleni ndodana yami asambe.”

UThemba iyamucssula lento yokubizwa ngendodana yakhe kepha uthulile babhekane noSphelelo.

Themba:“Umama ngeke azwisise sizomushayela masifika le umtshele ukuthi ngithole ucingo oluphuthumayo sase siyakhohlwa.”

Sphe:“Kulungile sthandwa sami singahamba angisangeni vele"

Ayifake emgwaqeni futhi imoto ishosholoze njalo uSphe abhalele uSmanga umlayezo amutshele ukuthi uthini uNtombela. Naye amuphendule ngokushesha.

Smanga:*Kuyafana vele ngeke ngisafika namuhla imoto ibhajiwe odakeni angazi kanjani ngoba bezindlula ezinye.*......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

DR.BALOYI🌼

Basendleni nomawakhe eya kwamaButhelezi njengokuthembisa kwakhe.

“Musa siyakuphi kanti? Seside lesikhathi sisemgwaqeni futhi angiyazi nalendawo esesingena kuyo.”

Musa:”Sesizofika manje ma.”

“Kepha mfanami ucabanga ukuthi ngingajatshuliswa ilendawo enje mina, uyamazi umawakho nje.”

Musa:”Kahle mama hawu ngeke uphuke izinzipho zakho thula nje.”

Aqalaze ngefastela bandlula izingane zidlala ezinye azigqokanga zicathulo, aphakamise impumulo amubuke uMusa amoyizele ngoba uyamazi unina ujwayele indawo kanokusho.

Musa:”Hawu kahle Valencia  ngeke ubulawe ilendawo.”

MaValencia:”Ngiyayazi lendawo kancane noma ngike ngayiphupha na, ngiyazela kuphi kodwa Nkosi yami?"

Kukhale ucingo lwaMusa  umaButhelelzi

MaButhelezi:”Sengikulindile.”

Musa:”Ngindlula ngakuleskole ongitshele ngaso.”

MaButhelezi:”Usufikile ndodana masolapho  endlini emhlophe nje ibiyelwe ngokumhlophe futhi kepha umsizi wami uzokubheka.”

Aluvale angakaphenduli abheke unina abuye abheke phambili ngempela bazithele kumfanyana ogqoke izimpahla ezimhlophe naye uzihambela ngezinyawo, isango livuleke amangale uMusa ngoba yena wazi indawo yomuntu osebenza ngabantu ingekho kanje.

Ngisho nomawakhe amoyizele ingadi inezitshalo ezinhle ezigqamile eziluhlaza,indlu enkulu emhlophe kukhona nezincane eziningi nazo zimhlophe.

Valencia:”Lihle lehhotela Musawenkosi uyazi bengingacabangi ukuthi kukhona indawo ehlanzeke kanje la, uzibonile leziya zingane emgwaqeni?”

Kusondele owesifazane naye ugqoke okumhlophe.

Nomsa:”Sanibonani ngicela ningilandele umama uzonibona manje.”

Valencia:”Sizokwenzani la?”

Angamuphenduli balandele uNomsa abafake kwelinye lamagumbi, kubonakala umbhede umbeswe ngokumhlophe nosofa ohlala abantu ababili nawo umhlophe.

Valencia:”Iyiphi lendawo?”

Nomsa:”Nginganithelela okokuphuza ngoba nisalinde uma?”

Valencia:”itiye elenziwe with purified water"

Musa:”Amanzi sisi azoba kahle.”

Nomsa:”Akhona lapha ekasini lokubandisa mnumzane"

Avume ngekhanda bese uyaphuma uNomsa  bahlale lapho balindile acabange uMusa ukuthi athini kumawakhe ngoba amuthathe ngokumqambela amanga.

Musa:”Mama selokhu ngikhula angiwazi umndeni wakho noma ewababa kuhlezi kuyithi sobabili.”

Valencia:”Ungazixaka ngalokho sokhulile nawe.”

Musa:”Ubuhlala ungiziba ma..”

Valencia:”Bafa bonke anginamndeni mina.”

Musa:”Umndeni kababa wona?”

Valencia:”Ngakutshela ubaba wakho washona angakangimukisi emndenini wakhe angiwazi mina.”

Athule uMusa azicabangele uThemba uyazi abantu bayafana kepha lokhu kwakhe noThemba kuyaxaka……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

Mayingena imoto yendodana yakhe ajabule umaBaloyi aphume ngokushesha kudala ayigcina indodana yakhe phela. USphe avuse uLungile ozilelele nosana lwakhe behlike emotweni, asabahaga nje umaBaloyi kwehlike uNtombela amubheke bese ubheka izingane zakhe. Kukhale ucingo lukaThemba alubambe abashiye lapho.

MaBaloyi:"Uzonyanga banike lo? Futhi kungani efikela la emzini wami?"

Akhulume kakhulu amuzwe naye uNtombela athathe isikhwama sakhe sezimpahla umaBaloyi makabona sona athwale izandla ekhanda lumuthi heqe uvalo uNtombela.

MaBaloyi:"Maye babo ngoba akusiso isikhwama samathambo lesi, uyaphi Ntombela?"

ULungile noSphe babashiye lapho bangene nezikhwama zabo endlini.

Ntombela:"Hawu mama ngizocela kuzofihla ikhanda kancane"

MaBaloyi:"Uzwe kuthiwa kufihlwa amakhanda ezinyanga la kwami?"

Ntombela:"Angiqondile ukweyisa salukazi sami kunodaba olungihlezi kabi."

MaBaloyi:"Manje lolo daba ludinga umuzi wami kuthi ufihle lekhanda lakho elikhulu la, mina ngizoluhlalisa kahle kanjani maluhlula wena kahle ukungifuthisa amabele Ntombela."

Ntombela:”Kubalulekile ukuthi ngikwazise salukazi sami."

MaBaliyi:”Habe nangu sengiyisalukazi sakhe ngathi uhamba nami mangiyohola impesheni.”

Athule uNtombela kepha amubheke emehlweni, nomaBaloyi amubheke ngqo.

MaBaloyi:”Uhamba nini?”

Ntombela:”Namuhla ngicela ukulala kusasa sizovukela phezu kwalo lodaba.”

MaBaloyi:”SI SI uthi SI sizovukela? Buyake ngizokunika isipontshi ozolala kuso, akunambhede olala inyanga la kwami.”

Amoyizele uNtombela uyamazi phela ukuthi ishobolo lomama leli, mabangena endlini noThemba abalandele.

Themba:”Mama umaButhelezi lo uthi ucela ukusibona kubalulekile.”

MaBaloyi:”Uye wangishayela ekuseni.”

Themba:”Uthi ucela size sonke manje.”

MaBaloyi:”Wangithusake ndodana"

Ntombela:”Iyoooooo tsheeeeeee.”

UmaBaloyi abheke uNtombela osophethwe umoya makaqeda abheke indodana yakhe.

MaBaloyi:”Lomuntu uzeleni naye la mthimbane?”

Themba:”Uthe kunomlayezo okumele akunike wona kungenzeka umlayezo lowo umaButhelezi afuna kusitshela wona.”

MaBaloyi:”Manje lo elokhu ehamba ngamantonto emzini kaBaloyi uzowukhuluma nini lowo mlayezo, Themba niyahlazana maan asambeni.”

Themba:”Ngena emotweni ngilande aboSphe.”

MaBaloyi:”Ukhiye umnyango angisazi lesivakashi senu sizohlala kuphi.”

Ntombela:”Ngizolinda khona la salukazi sami ngoba imoto igcwele kepha ngicela uqine kulokhu oyokuzwa.”

MaBaloyi:”Uke wangiphelezela yini ngayohola utebha ulokhu ungibiza ngesalukazi sakho, uzolindela kuphi ngoba mina ngizokhiya umuzi kaBaloyi.”

Ntombela:”Inkinga ayikho ngizoqambalala khona la phansi kwesihlahla ngikhathele vele, ngicela nje amanzi okuphuza.”

Ashayeje umaBaloyi abuyele endlini amuphakele.

MaBaloyi:”Weee Themba lomuntu wakho mangimushiya la endlini yami ngeke enze amakhathakhatha wakhe la?”

Themba:”Mama angimutholi kahle mina lomuntu kepha uyinyanga yasebukhosini futhi bamuthembile ungamushiya.”

Amubekele ukudla phezu kwetafula namanzi

MaBaloyi:"Nakhu ukudla endlini ungasali ufafaza lezimpiko zakho la endlini yami, umuntu angaze avuke sekuthiwa ngishade nawe kanti songifake izinsiba zezikhova."

Ashalazele uNtombela, uThemba azihlekele makaphuma naboSphe bayogibela emotweni.

Ntombela:"Ungakhiya ma ngizolinda khona la noma ningabuya nini."

MaBaloyi:"Washo entshweni ngena uthathe ukudla kwakho mina ngeke ngikuncenge mina kuthi uhlale endlini."

Asukume bandla ayokuthatha kanye namanzi, kuye kumnandi nje ukuthi uphakelwe nguyena noma engalambanga usezodliswa ukuthi umuphakele umaBaloyi. Bangene emotweni bonke ayikhiphe uThemba imoto ishosholoze njalo.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWASAMBULO🌼

Gabi:"Sthandwa sami sesingahamba."

Sambulo:"Unesiqiniseko ufuna kuya khona?"

Gabi:"Kudala ngihlehlisa kepha manje sengiyafuna kwamele ngiye."

Sambulo:"USambulo wakho unawe uyezwa."

Fabi:”Ngiyazi yize ngithukile.”

Sambulo:”Ngena emotwenike.”

Bangene emotweni ayisuse uSambulo kuGabsile kunzima nokukhuluma ucabanga ngesinqumo sakhe asithathile. Imoto mayilokhu ijika amakhona baya ngokusondela ugcwala ukusaba, ithi ingaqhamukela ngakhona ayihambise kancane uSambulo ize ifike ime esangweni lakhona ayicishe. Abambe uGabsile ngesandla asiqabule.

Sambulo:”Asambe.”

Gabi:”Asambe.”

Amubambe ngesandla makehla emotweni bashaye ibheli isango lisheshe ukuvuleka.

Gabi:”Ngavele ngangazi ukuthi ngiye ngakuphi.”

Sambulo:”Ungaphika kuthi besihlala la.”

Uvuleke umnyango babhekane umaNdlovu nangu unciphile naye ngathi akanawo amandla asondele ngokushesha kuye uSambulo amubambe bangene endlini ayomuhlalisa kusofa.

Alandele noGabsile indlu ihlanzekile akunasitsha esincolile konke kuqoqekile kepha kunezintuli nje ezingatheni ngathi akusahlali muntu. Abeke izandla zakhe ebusweni umaNdlovu abheke phansi uSambulo ulokhu umuphulula emhlane.

Sambulo:”Ma kwenzakalani wangaba sempilweni nje?
”

MaNdlovu:"Angifuni ukuba umthwalo ndodana, unjani Gabsile?"

Akhweze amahlombe uGabsile ngoba akazi ngempela athini kuye.

Sambulo:"Gabsile hlala phansi ikuphi inkinga manje?"

Aswabe ahlale phansi komunye usofa, amubheke uSambulo abone ukuthi akazi aqale athini.

Sambulo:"Ma uGabsile uzokubona seside lesikhathi sabaleka la ekhaya."

Gabi:"Angazi ngithini."

MaNdlovu:"Ngiyazwisisa sesi ngeke ngikusole futhi mangabe ungibeka icala ngalokhu engakwenza ngokunikela ngawe, anginakho ukuphika ukuthi mina...."

Amungene emlonyeni uGabsile asondele azoguqa phambi kwamawakhe uSambulo amuyeke abashiye lapho aye emagunjini okulala kuyobheka.

Gabi:"Mama yebo bengikuthukuthelele mangithola iqiniso kepha isikhathi masilokhu siqhubeka ngiyazwisisa ngiyasiqonda isimo wawukuso. Nami ngazibeka ezicathulweni zakho ngabona ukuthi bengizokwenza lokho. Ngiyakuxolela ma ubaba sengamuxolela ngamuvumela empilweni yami manje ngishoda ngawe. Okungixolisa kakhulu ukuthi ngikhuliswe nguwena vele noma bengingazi ukuthi ungumama wami."

MaNdlovu:"Oghhhhh mntanami awazi ngangifisa njani ukusho ukuthi uyingane yami ngiyabonga ngokungixolela."

Bahagane bakhale lapho asukume uGabsile ahlale kusofa belokhu bebambene amubuke.

Gabi:"Kwenzenjani ma awubukeki uphila."

MaNdlovu:"Sekuyizinyanga uZodwa anyamalele manje akusenalutho kokudla la endlini, nami ngasebenzisa yonke imali yami ngilokhu ngicabanga ukuthi uzoqhamuka lutho."

Athuke uGabsile

Gabi:"Unesikhathi esingakanani ungadli ma?"

MaNdlovu:"Ngisadla kodwa angidli kahle ngoba ngiyakubeka okunye sekonakele."

Gabi:"Mama uyangihlolela yazi uyazi ubungashayela noSambulo akulethele ukudla."

MaNdlovu:"Angisenalo nocingo lolo ngoba ngaluthengisa."

Aqhamuke uSambulo naye amangale ilento ayizwayo

Gabi:"Ma sihamba nawe."

Sambulo:"Ngicabanga ukuthi sicele umama azosihlanzela lendlu sibuye sizohlala la ifulethi lincane kanti futhi angicabangi ukuthi uzoba nenkinga uZodwa masekaluleme."

MaNdlovu:"Hawu kanti akekho kahle yingakho anyamalala nje."

Sambulo:"Udaba olude ma okwamanje Gabi iya naye egunjini lakhe ayothatha azokudinga sizohamba naye la sizobuya umama makaqeda kuyihlanza, mangabe awunayo inkinga yokuzohlal la."

Gabi:"UBonga yena uzofuna ukubuya ekhaya ngelinye ilanga mina angiboni nje kuthi ngiyoke ngikhululeke phambi kwakhe."

Sambulo:"Sizobuye sikhulume sthandwa sami, kepha angiboni ukuthi usazofuna ukubuya la noma yena uzoya efulethini."

Gabi:"Mubize umama azoyihlanza kepha nathi sizithengele eyethu amandla akhona angithi."

Amoyizele umaNdlovu ngalengxoxo yabo

MaNdlovu:"Ngiyafisa ukube ngaluthola uthando nami ngisemusha, manje ngamosha isikhathi sami ngendoda eshadile."

Gabi:"Awukagugi ma usengaluthola."

Sambulo:"Musa kudlala ngomama  landani izimpahla zakhe sizohamba."

Baphume baye egunjini lakhe ngaphandle amuthathele ezimbalwa azifake esikhwameni.

Gabi:"Mama ngoba naniganga ninobaba kuye kwakuwukuganga nje kuwe bekwenzakalani?"

Adonse umoya umaNdlovu abheke phansi

MaNdlovu:"Ngangimuthanda ngokweqiniso mina ubaba wakho, uyazi nawe umuntu makayinkosi wonke amehlo ayamubuka nami ngangibukile. Wayengangiphoqi ngalutho futhi akukho angithembisa Kona. Ngamuqoma ngazi kahle ukuthi uyayithanda indlovukazi yakhe futhi ngeke athathe isithembu nangelilodwa ilanga. Ngenxa yalothando enganginalo ngavuma ngangijatshuliswa ubukhona bakhe nje makazile  kuzongibona. Noma kwakuye kubenzima futhi masekaphuma angalali ubusuku bonke."

Gabi:”Ngiyakuzwa ma naye uke wangibuza wena kuthi unjani"

MaNdlovu:”Ngempela?”

Gabi:”Eya kepha umamBiyela ungiphathisa okwengane yakhe ngicela ingaphindeki lento ma, angazi mzukwana nibonana noma kuzovuka okwakudala kepha wena ngicela ube kude naye ma angifuni umama aphatheke kabi.”

MaNdlovu:”Kahle Gabi soze ngaba namandla okwenza yonke imikhuba yothando mina khululeka futhi akukho ndoda engangibuka ihalele kuba nami sengiguge nginje.”

Ahleke uGabsile

Gabi:”Mama uke wazibuka esibukweni kodwa ukuthi unjani kahle nje ukuzibukela phansi."

Bamoyizelelane baphume uSambulo sekabalinde emotweni bakhiye bayongena emotweni bahambe……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMGAZINI 🌼

UNtwenhle usegunjini lakhe uyazilungisa kungene uMduduzi amumangalele.

Mdu:”Wena waba muhle kanje uyaphi?”

Amubuke anikine ikhanda

Ntwenhle:"Musa ukuzenza usomatekisi, Uphi umama?"

Mdu:"Ungaphandle nobaba."

Ntwenhle:"Abakhathali ukulandelana nabo, ngifuna ukukhuluma nomama yedwa."

Kuqhamuke uMlungisi naye abethi uyandlula wangena ngoba umnyango uvuliwe abheke usesi wakhe ngokumangala.

Mlu:"Kuyiwaphi wazidweba ubuso kanje ntambama."

Ntwenhle:"Bhuti kumele namukele manje ukuthi lowo mbuzo ngeke ngisawuphendula."

Mlu:"Ngisazokubuza wona futhi uzowuphendula ngaphandle masingavuka ngelinye ilanga wena somdala nakimi mina ngimncane."

Ntwenhle:"Awoa bhuti uScelo ulobolile."

Mlu:"Angikhulumanga ngoScelo mina ngikubuze ukuthi wazidweba nje kwenzenjani, phendula usomatekisi uyabuza."

Babhekane benoMduduzi babuye babheke ubhuti wabo ngokumangala.

Mlu:"Ngiyalazi lelogama nicabangani."

Abashiye lapho besamangale basale bahleka naye ahleke ayongena egunjini lakhe. UNtwenhle makaqeda ukuzilungisa aphume ufuna umawakhe ekhishini azithele kwindlovukazi uNokubonga amubabaze ubuhle naye.

Nokubonga:"Magcina waba muhle thina siyolala kwenzakalani?"

Abheke ngaphandle umawakhe usahlezi nobabakhe abuyele ekhishini asondele kuNokubonga.

Ntwenhle:"Masekavelile uMqondisi ngizokugadela yena mawumatasa, futhi ngizohlala ngikugezela yena."

Ahleke uNokubonga

Nokubomha:"Kumele ukwenze lokho vele ungu anti wakhe angithi."

Ntwenhle:"Eish sisi ngicela ungibhekele uMpilo bengithi ngiyomucelela kumama manje ulokhu uhlezi nobaba akasuki celeni kwakhe."

Nokubonga:"Wena uyaphi?"

Ntwenhle:"Ngifuna ukuba noScelo ngaphandle kwakhe namuhla."

Amoyizele uNokubonga.

Nokubonga:"Akunankinga kuyafana nje uhlezi ekimi uMpilwenhle akunankinga ngizomubheka."

Amuhage

Ntwenhle:"Ngiyabonga ebusuku sekavuka kanye nje kwesinye isikhathi akaphaphami nhlobo ulala kuze kuse."

Nokubonga:”Akunankinga mawakhe uzobuya umufice ekahle nje ngiyazibuza ukuthi ukubona uScelo namuhla kungani kumele kusale ingane.”

Ntwenhle:”Awoa sesi hawu.”

Bahleke athathe bokhiye bemoto nesikhwanyana sakhe avalelise aphume abazali bakhe babukane bangasho lutho bazishalazelele  naye uminyile kuthi bangamubuzi kuthi uyaphi angene emotweni ayisuse ngokushesha. Kukhale ucingo lwakhe uScelo.

Scelo:”Hawu sthandwa sami uthe ngingezi kuzonibona kepha sekuhwalele anifiki ngiqala kukhathazeka manje ningikwatele.”

Ntwenhle:”Lutho kukhona umsebenzi bengisawenza endlini sesiyasuka manje.”

Scelo:”Ningasezi Enhle kuzoza mina kuhwalele manje"

Ntwenhle:”Sesizofika kuyafana.”

Scelo:”Niyalalake.”

Ntwenhle:”Wena uzosibuyisela emuva masesikubonile.”

Bavalelisane uScelo asale emangele ukuthi bazobonana isikhathi esingakanani ngoba kuyoshaya ihora lesikhombisa kuyimanje sekuhlwile. Asalindile nje ezwe sekuvuleka isango makalunguza ngempela yibona, ahlale kuze kuvuleke umnyango aphose amehlo khona athi uyomubambisa uMpilwenhle.

Scelo:”Usele emotweni umntwana?”

Ntwenhle:”Sekayasinda mulande.”

Baqabulane baphambane emnyango uNtwenhle aqonde egunjini likaScelo uthukile yilento esengqondweni yakhe kepha namuhla uzimisele. Babodwa umawakhe akakabuyi selokhu ahamba nendlovukazi yaseMahlubini.

Akhiye umnyango ashintshe umbhede afake izinto azithenge yena. UScelo amangale makafika emotweni ayikho indodakazi yakhe abuyele endlini.

Scelo:”Enhle akunamuntu emotweni.”

Amoyizele angamuphenduli aqhubeke ngokumbesa umbhede uScelo makazama ukuvula umnyango wasegunjini lakhe uwukhiyile.

Scelo:”Hayibo kwenzenjani kanti uMpilwenhle akekho emotweni.”

Ntwenhle:”Ngiyazi bengifuna ukuzikhiyela la.”

Scelo:”Ngobani?”

Ntwenhle:”Hamba uyobukela umabonakude ngiyeza manje.”

Scelo:”Abafazi"

Azihambele ngoba uyamudida nje uNtwenhle asabukela kukhale ucingo lwakhe alubambe.

Scelo:”Baloyi.”

Dr.Baloyi:”Uwutholile umlayezo wami ndoda?”

Scelo:”Ngiwutholile ngizoya kusasa.”

Dr.Baloyi:”Ngicela umubheke nalezinyawo akhala ngazo uthi ngathi uhlatshwa izinalidi"

Scelo:”Kulungile kepha abasebenzi bakho ngeke babenenkinga sengifika nokulawula wena ungashongo lutho kubo.”

Dr.Baloyi:”Ngibazisile mangihamba bebakubona abanye futhi ngenkathi ubab Biyela elele esibhedlela ndoda ngikudinga lapha udokotela onjengawe bavame kuba sezibhedlela lezi ezinkulu mina ngicela ungikhulisele lesi isibhedlela.”

Scelo:”I don’t come cheap”

Dr.Baloyi:”I know that very well my friend."

Scelo:”Kulungile sizokhuluma mawubuya"

Dr.Baloyi:”Okunye ndoda ukuthi....”

Kuvuleke umnyango wasegunjini abhekise amehlo ngakhona azithele kuNtwenhle egqoke impahla emfushane. Angabe asamuzwa ukuthi uthini uBaloyi yize amuzwa usakhuluma kepha ukuthi ukhuluma uthini izindlebe ziyaduma sekakhamisele isthandwa sakhe.

Ntwenhle:”Hawu uzokhamisa lapho ubsuku bonke?”

Amoyizele yedwa uScelo konke okukuye sekuzifisa aduzane noNtwenhle.

🌼

Dr.Baloyi:”Uyangizwa ndoda, uyavuma na?”

Scelo:”Ngiyavuma bye.”

Akayazi nento ayivumayo aphose ucingo lwakhe kusofa kancane abukele uNtwenhle elokhu emile lapha makaqeda amufulathele abuyele egunjini. Lempahla egqokiwe la ngemuva iveza nesinqe kancane adonse umoya amulandele akhiye iminyango kuqala umoyizela yedwa.

Umulandela sekaqalile uyazikhumula engakafiki nasegunjini lakhe. Isikibha asilahle phansi angene sekakhumula ibhande amufice eme ngasefasteleni ngathi kukhona akubhekayo kanti naye ushawa luvalo babukane avale umnyango ngonyawo uScelo.

Asondele kancane ibhande sekalikhumule wangaliqeda liyalenga ebhlukweni afike eme duzane naye babukane. Uthukile uNtwenhle uyazama kumoyizela kepha akwenzeki izihlathi zize ziyaqhaqhazela amubambe okhalweni amusondeze kuye babukane. Ahluleke uNtwenhle awise amehlo amubuke esifubeni uphefumulela phezulu ukuthuka.

Scelo:”Uyasaba?”

Ntwenhle:”Kakhulu kepha sengiready.”

Scelo:”Usungijwayele nje futhi wena awusabi muntu.”

Ntwenhle:"Lokhu kuhlukile Scelo."

Asondeze izindebe zomlomo kwezaNtwenhle baqabulane……

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 69🌼

EMAHLUBINI🌼

UThobile uhlezi namadodana akhe endlini bayazixoxela bamangale uThabiso angenisana noThami bagqoke amasudi, uThami uphethe nepotimende likaThabiso. Aye kwinkosikazi yakhe ayiqabule uThami abingelele abafulathele.

Manqoba:"Thamsanqa phumula ihora nje uze ehhovisi lami emva kwalo."

Thami:"Eya."

Thobile:"Awulambanga?"

Thami:"Cha ma ngiqeda kudla."

Manqoba:"Manje senidlalela iqembu elilodwa ninoThabiso? Ohhhhh ngiyabona T no T nenza thina izimpatha."

Azihambele uThami, uThabiso asale enikina ikhanda.

Thabiso:"Mnqobi uyile emhlanganweni?"

Mnqobi:"Ngiyile baba."

Thabiso:”Bathini?”

Mnqobi:”Bakhuluma ngesikole esingena amanzi, kanye nomgwaqo lo oya esibhedlela sikahulumeni kuthi usunezigodi ezinkulu manje awulungiswa.”

Thabiso:”Uphendule wathini wena?”

Mnqobi:”Ukuthi sizobala ibhajethi bese ngiyabaphendula ezinsukwini eziyisikhombisa.”

Thabiso:”Ubeke omunye umhlangano?”

Mnqobi:”Eya baba.”

Thabiso:”Manqoba wena bowenzani namuhla.”

Manqoba:”Bengidla ngilale ngivuke ngidle.”

Thabiso:”Awuhambanga ngani nobhuti wakho?”

Manqoba:”Baba mina angisuye umajesty wakusasa"

Thabiso:”Manje uzohlala nje imini yonke izikole mazivaliwe?”

Manqoba:”Ngizohlala baba ikhanda lami likhathele haaaa ngingafa.”

Thabiso:”Uzobulawa yini?”

Asukume uManqoba

Manqoba:"Ukucabanga phela baba yingakho ngingafune ntombi ngoba angifuni nje  kucabanga izikole mazivaliwe."

UThobile amoyizele

Thabiso:"UMandla umufuzise kabi uManqoba yerrrr, Mnqobi letha lamaminithi omhlangano ngibone kuthi sosilungele isihlalo na."

Asukume naye alandele umfowabo.

Thobile:"Umufaka kakhulu kodwa baby umfanami ukhathele"

Thabiso:"Mina ngaqala kushayela itekisi likababa ngina11 buka manje sikuphi, kumele baqine sthandwa sami. Uzokwazi ukuzenzela izinqumo uyabon anamanje impendulo yakhe emphakathini ihlakaniphile kusho ukuthi uza kahle."

Thobile:"Nguwena omukhuthalele mina bengeke ulikhuni uMnqobi njengawe."

Thabiso:"Umfana wami lo, uManqoba ingane kaMandla kusamele ukhulume nje iqiniso."

Bahleke bobabili kukhale ucingo lwaThobile alubambe emoyizele uMnqobi naye aqhamuke namaphepha baqale basebenze nobaba wakhe.

Thobile:"Hellow Dr.."

Dr:"Ahhhhh my slave driver"

Thobile:”Uqalile Sabelo kuhamba kanjani ngoma?”

Dr:”Umama ngiyamuthanda uyalulama kusasa ngiyomuqhaqha amabhandishi sibone kuthi uyabona na.”

Thobile:”Kuyathembisa kodwa?”

Dr:”Kuyathembisa ngoba konke  kwenzeka ngendlela okumele kwenzeke ngakhona, futhi uqinile umama uyazixoxela.”

Thobile:”Ngiyajabula ukuzwa lokho.”

Dr:”Into eyenze ngikushayele ukuthi mangiqeda kumqhaqha ibhandishi kumele ahambe uyazi isejari yami incane kanti isibhedlela siyabiza kakhulu"

Thobile:”Kwakona nje kuthi umulalise ubungenzela umusa ngiyazi awulalisi muntu, uzomuqhaqha ngobani isikhathi?”

Dr:”Ekuseni ngo9 kepha ngizomgcina kuze kushaye u2 ngizobona lemabuli yeso yenzanjani.”

Thobile:”Ngizomulanda mina"

Dr:”Ngizokubona kusasa ndlovukazi ngicela uze nalomfana wakho uManqoba.”

Thobile:”Nginike umyeni wami umucele kuye?”

Dr.:”Wuuu kahle mana ngalelo bhubesi lakho angifuna kushawa mina.”

Bahleke bobabili bavalelisane uThabiso ugxile kakhulu kulokhu abakwenzayo noMnqobi akanake lutho.

Mnqobi:"Baba ngingamucela uThami yena uzokwazi?"

Thabiso:"Zama ukuzenzela kuqala ndodana uThami kumele aphumule."

Mnqobi:"Kungile baba ngisayophumula kancane  nami."

Thabiso::UNqobile ubuya nini?"

Thobile:"Kulempelasonto ezayo."

Thabiso:"Mawucabanga ukahle manje? yazi indaba kaNqobile ingizwisa ubuhlungu."

Thobile:"Kona kuzwisa ubuhlungu kakhulu ngoba akubonakali inkinga ikuphi, phela ukube into yokwenziwa bobhuti benoMandla ngabe kudala babona."

Thabiso:"Akanalo nje isoka elimuphazamisayo?"

Thobile:"Uzongitshela maselikhona, ngoba ngamenza wathembisa."

Thabiso:"Ngeke ngikuvumeke  lokho kumele afunde aqede aze aye ekolishi njengomawakhe."

Kungene unogada

Nogada:"Nkosi yami kunomnumzane esangweni uthi uze kuwe uMahlalela."

Thabiso:”Mungenise"

Abheke isikhathi anikine ikhanda.

Thobile:”Nanamuhla ngeke udle nathi futhi?”

Thabiso:”Ngithe eze makugamanxa ihora lesikhombisa sthandwa sami, kusasa icala lakhe liyaqhubeka ufuna ukubheka ama….”

Amungene emlonyeni uThobile

Thobile:”Akunankinga myeni wami ngiyazwisisa.”

Angene asaqabula inkosikazi yakhe abingelele.

Thabiso:”Ngibizele uThami ngisehhovisi.”

Thobile:”Kwamele ngempela abekhona?”

Thabiso:”Uthe ngimsize angithi iyona ndlela yokumsiza le kuthi abone okwenzekayo ngeke ngimubhalele ama assignment.”

Thobile:”Ngiyazwisisa nginganenzela kokuphuza?”

Thabiso:”Phumula sthandwa sami sikahle, asambe Nganono”

Balandelane bayongena ehhovisi uThobile ayobiza uThami amufice achofoza ucingo amoyizela yedwa.

Thobile:"Ubani lo okuchaza kangaka na?"

Athuke afake ucingo lwakhe ekhikhini

Thami:"Ngikhuluma nosesi wami ma."

Thobile:"Unamanga usesi wakhe ngeke akwenze ubenje ebusweni, ngifuna ukumbona lowo uze umtshele angifuni udlalwe amantombazane akulesigodi mina ngizosho mangabe ukahle. Uyakubiza ubaba ngale ehhovisi."

Thami:"Ngiyabonga ma."

Aphume ayongena ehhovisi aqale akokode bamungenise afike ahlale celeni kwaMahlalela.

Nganono:"Mnumzane angiqondile ukweyisa kepha uyena mfana lo esimulindile?"

Thabiso:"Nguyena."

Nganono:"Impilo yami ilengele eweni wena ufuna ukudlala amandlwani ngayo, uzokwenzani lomfana la?"

Thabiso:"Yekela umfana unguphathina wami, asiqale kahle eqaleni phela ubufakazi bonke bukhomba kuwe."

Nganono:"Ngiyakwazi lokho namanje ngisasho angiyibulalanga inkosikazi yami."

Thabiso:”Ungachaza iminwe yakho itholakale njani kulommese owamubulala?”

Nganono:”Angazi nkosi ngempela angazi.”

Thabiso:”Ngitshele futhi mhlawumbe kukhona owakushiya ngephutha.”

Adonse isikhohlela esingekho

Nganono:”Kwakumele ngiyohlangana nomunye umakhwapheni wami kwakhe, mangifika emnyango wangavula ngacinga ucingo lwami ngoba ngifuna ukumshayela kuthi akazongivulela, ngakhumbula lapho ukuthi ngilukhohlwe kwami. Ngajika ngokushesha ngoba ngingafuni inkosikazi yami ize ibone lokusa engikwenzayo ocingweni.

Ngabuyela emuva mangifika kwami umnyango ubuvuleke kancane ngangena ngaqonda la engishiye khona ucingo lwami ngaluthola ngaluthatha. Masengithi ngiyaphuma ngabona inkosikazi yami ilele ngakusofa ngaya kuye ngamufica athulile nommese esifubeni vele bekazibonakalela ukuthi sekathulile, ngashayela usizo kanti sengizigwaza ngowami.”

Thabiso:”Amaphoyisa afika akubopha?”

Nganono:”Cha bangibuza okwenzekile nami ngabatshela lokhu engikutshela kona bashayela nemoto yasemakhazeni yazomulanda, emva kwezinsuku ezintathu babuya bazongibopha bathi iminwe yami ibikulommese.”

UThabiso abheke uThami amubone ukuthi ulalele.

Thabiso:”Uyabona ukuthi lecala liyakulahla.”

Nganono:”Awukwazi ukunikela ngami nkosi yami wena uhlala uwawina amacala wonke ngobani kuleli?”

Thabiso:”Liyimpincabadala leli kuyakufanela ukuthi uyibulele inkosikazi yakho, umlando wakho nomsebenzi owenzeyo yikona okuzokwenza inkantolo ikugwebe.”

Thami:”BabTshabalala ngingamubuza?”

Nganono:”Hhey wena mfana angizanga kuzodlala amandlwana nawe la kusasa ngingalahlwa icala wena ufuna ukwenza amaproject asesikoleni ngami.”

Thabiso:”Mahlalela mawungafuni kuncono uhambe, buza Mkhaliphi."

Thami:”Baba uthe mawufika kwamakhwapheni wakho ukokodile wangavula, ingabe bekazi ukuthi uyeza na?”

Nganono:”Bekazi.”

Thami:”Maninephoyinti naye uthatha isikhathi kukuvulela njalo noma abeqala?"

Nganono:”Uyabonake ugcwele ukudlala wena nalepampers elisezinqeni.”

Thabiso:”Phendula umbuzo Nganono.”

Nganono:”Uhlala angigadile kwesinye isikhathi angikokodi uvele angivulele"

Thami:”Mawufika kwakho uthe ungene waqonda la obushiye khona ucingo mawuya khona awuyibonanga inkosikazi yakho kepha uyibone masobuya nocingo lwakho  ingabe ibisithele na?”

Nganono:"Nginesiqiniseko ibingekho lapho yazi mangingena bengeke ngihlale ngingayiboni ngoba ibisesitikini nje."

Thami:"Ummese usakhumbula ubufakwe njani esifubeni sakhe?"

Nganono:"Cha."

Thami:"Wenza msebenzi muni baba?"

Nganono:"Usomatekisi namabhasi kanti futhi nginomlando omubi wokubulala sengakujezela lokho."

Thami:"BabTshabalala akamubulalanga umkakhe kepha ubulawe ilomakhwapheni abeyohlangana naye."

Nganono:"Hhey mfana uyanya maaan ukhuluma ukushipha kodwa uhlala anami lowo unginakekele namanje kusho yena ukuthi ngizee futhi mhlawumbe kukhona esingakuthola. Ngeke ngimele lododi okhulunywa ilomfana."

Thabiso:"Thukana futhi ngizokuxosha mina nakusasa uzozibona, chaza Thamsanqa."

Thami:"Ufike engekho umakhwapheni wakhe kanti uhlala amugada makazoza abeyephi? Uke wayobuzwa yena emaphoyiseni? Makabona angafiki ngoba bebehlelile wakushayela na akuhlole ukuthi useza na?"

Acabange uNganono anikine ikhanda

Nganono:"Yazi azange futhi ngikhulume nanaye ngamukhohlwa nya ngaze ngamubona sekazongikhokhela ibheyili."

Thami:"Ingabe ukhona ezimalini zakho njengefa?"

Nganono:"Ukhona besengizimisele futhi ukwazisa inkosikazi yami ngaye, nakhu sekwenzeka lengozi."

Thami:"Baba ngicela ucabangisise uthathe isikhathi sakho, mawungena masobuya uzolanda ucingo lwakho ngaphandle akukho owakubona?"

Athule acabange isikhashana kube ngathi kukhona akukhumbulayo.

Nganono:"Uyazi ngema egaraji ephezudlwana kwakami ngoba ngangizwa ngathi itayela lemoto liyasinda liyabambeka kanti lihudula iwayela nje, ngalibheka ngaze ngacela umfana osebenza khona angibhekele.

Kunemoto engayifanisa neyakhe kodwa ngangayinaka nje nhlobo ngoba ngazi ukuthi ungilindile."

Thami:"Nazi izinsolo zami ziyiqiniso wena kungenzeka abelinde uphume bese uyangena abulale umkakho. Nakhu engikusolayo washiya imoto yakhe kuleyo garaji wena mawuyibona abengekho kuyo abekakho. Abulala inkosikazi yakho ngommese wakwakhe ngoba uthi awuwazi wena lommese.

Abeseyinindile iminwe yakho ngobugebengu unganakile. Abecabanga ukuthi uzofike amubulale asheshe kujika mhlawumbe athi bekayothenga okuthile makakufica endlini. Nakhu wena somuphazamisa ujika kusho ukuthi wangena esekhona endlini mhlawumbe asasula ubufakazi obuzokhomba kuye. Wase uyatatazela mawufika wamulahla lapho phansi."

Nganono:"Uyazi mangifika ngabona itafula lasekhishini lingemanga njengasemhleni isitulo esisodwa besiwile ngasivusa nami. Umnyango ongenela endlini yokuphola asiwuvali kepha wawuvalekile ngaze ngawuvula ngangathalaza ngaqonda egumbini."

Thami:”Abecashe naye sekafile emva kwalowo mnyango uthe ungangena egumbini wamulahla lapho phansi wabaleka. Manje ubabTshabalala angasebenzisa ubukhosi bakhe siye egaraji uyocela amafootage sibone ukuthi ngempela iyiyo lento esiyihlanganisayo. Usebenzisa siphi isandla umammakhwapheni?”

Nganono:”Isandla sokudla.”

Thami:”Uzobambeka ngoba wena ngiyakubona usebenzisa isinxele lommese ububheke kuphi makagwaza ngawo, ngiyazi izithombe ziyathathwa kwenzela ubufakazi.”

Thabiso:”Nginazo izithombe, nazi.”

Amunike azibheke uThami aze asukume

Thami:”Baba ngicela usukume.”

Asukume uThabiso beme babhekane athathe ipeni ayibambe ngesinxele enze ngathi ugwaza uThabiso.

Thami:”Uyabona umuntu olinxele makagwaza kumele kume kanje, bheka isithombe"

Amoyizele uThabiso aze amuhlikihle ekhanda.

Thabiso:”Thamsanqa wena bazokubamba ekudeni mfanami Mahlalela umuntu obulale umkakho usebenzisa isandla sokudla, manje okumangazayo ukuthi makaqeda kumgwaza uyithathephi iminwe kaNganono ngokushesha?”

Thami:”Kuyacaca lommese uze seyikhona leminwe ukuthi yena abewubambe kanjani angazi, noma usebenzise omunye wase ufaka lo enxebeni"

Thabiso:”Esingakwazi uzokusho yena ngomlomo wakhe, Mahlalela uthini?”

Nganono:”Hhawu inkosikazi yami isingaze ifele ukunganeli kwami?”

Thabiso:”Awume ndoda phendula.”

Nganono:”Mangabe umbulele abefuna mina ngiyofela ejele yena asale namashishini wami, ngiyakukholwa ndodana yami ngiyabona nami.”

Thabiso:”Asambeni siye egaraji manje, kusile kusasa"

Thami:”Kumele ungamutsheli lutho futhi okuzomsolisa ngoba ngendlela enze ngayo kuyacaca uhlakaniphile. Thumela umama amungenise uthi nizohlala isikhathi eside bese niyaphuma anganinakile nolanda lobufakazi.”

Thabiso:”Sihamba nawe.”

Thami:”Cha baba umama uzosala nombulali kanti boManqoba basemagunjini abo ngeke bazi okumele bakwenze makangasola okuthile, bonogada bangaphandle, kumele kubekhona okuqaphelayo, ngizomubheka mina"

Achazeke uThabiso avele amuthembe amubhambathe ehlombe baphume ngendlela abahlele ngayo, makangena endlini umakhwapheni uThabiso aphume noNganono baqonde egaraji….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABUTHELEZI🌼

Imoto kaThemba mayima nje egcekeni lakwamaButhelezi abahlangabeze uNomsa.

Nomsa:"Sanibonani."

MaBaloyi:"Sawubona sbutubutu uphi umawakho."

Amoyizele uNomsa

Nomsa:"Umama uthi ngikutshele ungene lapha endubeni yakhe asebenzela kuyo bese ubhuti nabosisi balinde kancane kulelagumbi."

Bahlukane kanjalo makangena umaBaloyi nangu umaButhelezi umlindile bamoyizelelane.

MaBaloyi:"Ninjani ekhaya kodwa wasithusa kangaka senzeni?"

MaButhelezi:"Ngithunyiwe ma kubanda ewami amathumbu ngoba angazi ngiqale ngakuphi."

MaBaloyi:"Sengifikile sisi ngikhulule."

Kungene uNomsa

MaButhelezi:"Usungabiza lomama ngale."

Agobe kancane bese uyaphuma isikhashana abuye nomamValencia

MaButhelezi:"Ungahlala phansi."

Valencia:"Cant I sit on the chair?"

Aphakamise amehlo umaBaloyi babukane   azithulele, uValencia akamazi nhlobo.

MaButhelezi:"Mawungahlala phansi nje sizoshesha ukuqeda uzokwazi ukuhamba, khululeka kuhlanzekile la phansi nawe uyazibonela"

Athalaze uValencia

MaBaloyi:"Hawu kodwa barbie doll silinde manje ngoba wena ungafuni kuhlala phansi?"

Valencia:"Ubanike lo ongibiza ngopopayi?"

MaBaloyi:"Ubarbie muhle nje."

Agcine sekahlezi phansi asukume umaButhelezi athathe isigubhu samanzi awathele endishini emhlophe.

MaButhelezi:"Mina ngiwumuntu onesipho sokubona, manje indodana yakho yiyona engihehile, ngibone okuningi ngayo ngamutshela ukuthi akulethe"

Athuke uValencia amangale futhi

Valencia:"Ubone ini enganeni yami ngingekho  mina?"

MaButhellezi:"Nginike ithuba ngikhulume konke bese uyabuza ongakuzwisisanga."

Valencia:"Cha ngeke ngiyimele le mina angikholelwa kuzozonke lezinto zabo vodooo vodooooo zenu."

MaButhelezi:”Bengifuna ukwenza lento ngenhlonipho ngoba sibadala sonke kepha ngathi akwenzeki, NOMSA.”

Angene ngokushesha ngoba abelindele ukuthunywa vele

MaButhelezi:”Babize bonke.”

Aphume uNomsa

Valencia:”Ababize bonke obani?”

MaButhelezi:”Umsindo uyangiphazamisa.”

Abuye uNomsa elandelwa uSphe noLungile emva kwakhe kungene uThemba.

Nomsa:”Abesendlini encane makaqeda uzoza.”

Abone umaButhelezi ukuthi ukhuluma ngoMusa, bafike bahlale phansi uThemba asamangalele lomama babhekane aswace lomama uValencia asukume aye kuye.

Valencia:”Ngibuyisele ekhaya manje Musa uyazi ukuthi angizwani nezinto zobuthakathi mina.”

Adideke uThemba abheke umaButhelezi

Valencia:”Usushintshe nini futhi ohhh ubuwazi ukuthi siza lana Musawenkosi yini izimfihlo.”

MaBaloyi:”Hhey liewe heksie awuthule umsindo maaaan.”

Valencia:"Ubiza bani ngoliewe heksi?"

MaBaloyi:"Ngithe Barbie wabanenkinga."

Themba:"Mama mana."

Ayilalele indodana yakhe azithulele umaBaloyi.

Valencia:"Ngime ini ngithe ngihambise."

Abuye uNomsa sekalandelwa uMusa manje abonwe uValencia kuqala athuke abheke uThemba abuye abuke indodana yakhe abone ukuthi lo eme duzane naye akusiyo indodana yakhe sekabona ngezimpahla.

Aphenduke nomaBaloyi asukume ngokushesha aqonde kuMusa naye omangazwa ukubakhona kwaThemba la kanye noLungile.

Makafika kuye umaBaloyi amubhekisise anikine ikhanda kaningi kuze kube ngathi uphelelwa amandla amubambe uMusa ayomuhlalisa phansi.

UValencia yena sekadidekile kuthuleke uMusa alokhu amubambile umaBaloyi kungavumi nokuthi asuke kuye. Ezwe into angakwazi ukuyichaza amubuke umaButhelezi.

MaButhelezi:"Hlalani phansi kuzokwehla lomsindo obusugcwele la ngizokwazi kukhuleka."

UValencia ayohlala phansi uThemba acoshame naye phansi

MaButhelezi:"Ndodana hamba uyohlala celeni kwaThemba."

Asukume umaBaloyi asibambe isandla sakhe

MaButhelezi:”Mudedele ma ngiyazi futhi ngiyazwisisa.”

Asiyeke isandla sikaMusa ayohlala celeni kwaThemba baxhawulane ahlale celeni naye bonke babheke umaButhelezi.

MaButhelezi:”Mina angikhulumi engikubonayo ngiyamubonisa umuntu"

Valencia:”Kwenzakalani kanti la?”

Musa:”Mama asizwe kuqala"

MaButhelezi:”Madodana ami ngicela nizogoqoza ngezandla la.”

Basondele bafake izandla zabo ebhavini bagoqoze.

MaButhelezi:”Nibukele la angifune msindo.”

Amanzi kube ngathi ayanyakaza bese kuvela isihlahla esikhulu sipheshulwa umoya abantu bebaleka, umoya ongemkhulu kangako obonisayo ukuthi umoya ozama ukuxosha imvula. Khona lapho esihlahleni kubonakale owesimame okhulelwe naye uzama ukubaleka kepha sekakhathele abambezele ngaso azibambe esiswini.

Liqale line izulu umoya uphele nya kube ukuna kwezulu, asanyonyoba lapho lo wesifazane kuqhamuke imoto kwehle owesilisa khona azame kumsiza.

”Uya ngakuphi ngizokumukisa?”

“Sengidatshukelwe amanzi ngicela ungiyise emtholampilo bhuti.”

Amusize ngokushesha amufake emotweni ajikise imoto naye baqonde esibhedlela la endleni uyakhala lowesifazane okubonakalayo kuthi umaBaloyi usemncane yena. Bafike esibhedlela amushiye lo wesilisa abonge naye.

Bamusize abelethe ingane bese uyaquleka emva kwalokho. Inesi belimusiza liphunyule ingane asayigeza athuke ayithathe ayibheke abone ukuthi ishonile ingane futhi kubonakale nokuthi iwile, ayithathe ayoyifihla emakhazeni asesibhedlela ayikhiphe negamma likanina kuthi ingaziwa.

Nesi:”Ngizothi angiyazi iphi ingane awu Nkosi yami ngizolahlekelwa umsebenzi mina ngingaba yini kodwa ngivelelwa yini.”

Inesi lingasabi kahle lihle lishayise ngaleso sikhathi umaBaloyi makaphaphama ayikho ingane inesi limuhlole.

Nesi:”Sisi awukabelethi wena nayi ingane khani iza"

Kungene nomyeni wakhe uBaloyi akhale

MaBaloyi:”Ngiyitholile ingane bathi angikayitholi.”

Baloyi:”Sthandwa sami mhlawumbe ubuphupha nayi ingane khani iza.”

MaBaloyi:”Cha baba ngiyakhumbula bandla.”

Baloyi:”Uthanda ukudlala noma usezinhlungwini"

Ngempela kungabi bikho oyinakayo indaba yakhe abelethe olunye usana umfana.

Emakhazeni kubonakale uValencia obone lonesi eshwathika ingane ayobheka lapho afice ingane iphefumula kancane abone nenxeba, ayithathe ugqoke umfanekiso wakhona usebenza emakhazeni. Ayithathe ayimukisa esibhedlela abuye azikhuze.

Valencia:"Wena sana lwami ungaba yithikithi lami anginamndeni anginamuntu ngizofuna imali kulonesi uzohlala akhokha ngizithuthukise ngayo lemali impilo yami yonke."

UMusa amubheke uValencia sekabomvu izihlathi ngenxa yokukhala aphinde abuke ebhavini, aphume nayo ingane ayimukise kwesinye isibhedlela. Ngakusasa aye kulonesi amutshele akubonile amutshele nokuthi umuthathe izithombe amunike imali.

Imali iye ngokukhula inesi liye kubomashonisa lingasanayo imali selisebenzise yonke imali ayezibekela yona, lathi malibona ukuthi seliyahluleka emva kweminyaka nengane seyisesikoleni ikhulile impela lenesi lazibulala.

Azange ayekele uValencia waya kumyeni wakhe wamutshela ukuthi makangakhokhi uzoveza uhlobo lwenkosikazi yakhe ukuthi ingumbulali ngoba lomyeni abeyilunga elithenjiwe enkonzweni yasaba ihlazo naye waqhubeka ngokukhokha.

Azange aneliseke uValencia wayeqhubekile emufuna imali, wayeka nomsebenzi ngoba ebona imali ingena, uthe makabona ukuthi akasafuni ukukhokha lomyeni wenesi wamuthumelela abantu bamushintshisa ifa lakhe ngenkani kwafakwa uValencia kuthi umunika konke, wathi makaqeda kulisayinda bamubulala. Kwathuleka du endlini uMusa wabheka umaBaloyi obhocobele phansi.

MaButhelezi:"Mawabo ucabangani?"

MaBaloyi:"Ngiyazi ukuthi ngayithola ingane umyeni wami ngangihlala ngimtshela angakuthathi lokho, engikukhumbulayo ukuthi mangiqeda ukubeletha ngingakaquleki ngabona unebala esinqeni esisodwa."

Akhiphisele ukukhala uMusa amubheke uThemba duze naye asukume uMusa aqhaqhe ibhande lakhe inhliziyo ibuhlungu ingqondo ayicabangi. Akhumule abafulathele ehlise ibhlukwe nesikhindi akhombe lebala umawakhe akhuluma ngalo. Aquleke umaBaloyi ngaleso sikhathi abuye agqoke mabaphuthuma umawabo abakhuze umaButhelezi.

MaButhelezi:"Muyekeni uzoziphaphamela, owami umsebenzi usuphelile."

Aphenduke uMusa noThemba ngesikhathi esisodwa babuke uValencia athuke bonke babi ngenxa yokuthuka.........

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 70🌼

KWAMABUTHELEZI🌼

UThemba asondele kuValencia noMusa amulandele bafike beme duze naye bamubuke, kwehla izinyembezi kuMusa akakhoni nokukhuluma uyaqhaqhazela izindebe zomlomo.

Themba:"Kumnandi ukuba nguwe wenza ishishini ngobhuti wami ngomndeni wami."

Musa:"Yonke leminyaka ngikhula nginomzwangedwa mina angiyazi injabulo yokuba ingane ngenxa yakho."

Valencia:"Boy im sorry bengingaqondile ukwenza konke lokhu bengifuna kukunika impilo encono ngikuyise nasesikoleni."

Musa:"Esikoleni siphi Valencia SIPHI."

Vale:"Namuhla ungudokotela bengifuna uphile kahle."

Musa:"Ngazifundisa mina ngenhlakanipho yami wena awenzanga lutho, ubuhlala ungekho futhi ngakhuliswa ilesilwane sakaMtolo ungekho wena."

Vale:"Mana Musawenkosi."

Musa:”Ngimeleni ma azange unginake wangitshontshela ukuthi uziphilise wena futhi unganginaki, ngiqeda kuhlukana nenkosikazi yami ngenxa yakho futhi. Ubuthatha imali nakuye ngoba wangifihlela ngemvelaphi yezingane?”

Abheke phansi uValencia uMusa abheke umfowabo athwale isandla esisodwa ekhanda.

Musa:”Ngibiza amaphoyisa manje ngoba awufuni ukukhuluma ejele uzokhuluma.”

Asukume ngokushesha azincengele kuMusa aze aphaphathis eizandla. Aqhubeke uMusa awashayele makaqeda anike uThemba ukuthi abanike ikheli.

Vale:”Ungangibophisi ndondana ngiyacela.”

Musa:”Awungitshele kungani ungazange ungitshele ngezingane kuthi akusizo ezami ngoba wena wathola kudala.”

Vale:”Uqinsile ndodana ngathi mangithola ngamufuna imali kanye nomakhwapheni wakhe"

Themba:”Muyeke Musa mina ngijabulela ukuthi uyaphila sesitholene"

Musa:”Umama lona angithi? Umawethu?”

Themba:”Umawethu.”

Musa:”Ungumuntu onjani ndoda ngihlupheka nje ngihlaliswa nezilwane ngibe nginawo umndeni wami.”

Vale:”Azange mina ngakushiya nalesiya silwane nguwena owawuziyela kuso.”

Avuke inja ebomvu.

Musa:”Ngangiziyela kuso ngoba sona sasinginaka"

Themba:”Islwane sakuphi?”

Musa:”Kunomuntu owayengumakhelwane angazi noma bebaganga ngaye na kepha wangisiza kunabantu bangingenela endlini bafuna yena lo ukube azange afike ngangiyofa, wababulala kabuhlungu kusukela lapho bekuthi angaphuma lo angishiya ngedwa besiza lesilwane sizongigada.”

Themba:”Yooooo.”

Musa:”Ngiyakuzonda Valencia impilo yami yonke ngilangazelela uthando lwababa, ngihamba ngilandelana nezilwane zabathakathi ngoba ngifuna ukuba nobaba"

MaButhelezi:”Madodana sondelani uyavuka umawenu.”

Musa:”Uzobaleka ngifuna aphume namaphoyisa la.”

MaButhelezi:”Ngeke ahambe ngoba kuvalekile lonke igceke.”

Babuyele bayohlala phansi uMusa makabona ukuthi uLungile uyakhala asukume aye kuye aguqe ngamadolo amuhage, bahagane"

Musa:”Nginosesi omncane”

Aqale ukunyakaza umaBaloyi amubuke nje umaButhelezi agcine sekaphapheme.

MaButhelzi:"Vuka makwabo sikulindile, munike amanzi."

Asondele namanzi uNomsa amuphuzise masekakahle azibambele ingilazi aziphuzise amunike ingilazi makaqeda abheke uMusa."

MaButhelezi:"Uyakhona ukubahlukanisa?"

MaBaloyi:"Lo ofikayo amehlo wakhe awalingani kepha awabonakalisi kakhulu."

Amoyizele umaButhelezi

MaButhelezi:"Akukho ofuna kukusho kubarbie ngoba amaphoyisa asendleleni?"

Athule umaBaloyi abuke uMusa aze asukume uMusa eze kuye ahlale celeni kwakhe amuhage akhale futhi umaBaloyi. Babayeke ngesikade sebadelile bayekane uValencia uthukile uzicabanga asejele nje. Azisule izinyembezi kahle umaBaloyi makaqeda  adonse umoya.

MaBaloyi:"Kusekhona okunye mamButhelezi?"

MaButhelezi:"Konke kuvelile akukho okunye mama."

MaBaloyi:"Ngingahamba nomndeni wami manje?"

Avume ngekhanda umaButhelezi basukume uThemba ayosukumisa inkosikazi  yakhe bafulathele masekumele baphume uValencia eme phambi kwamaBaloyi.

Valencia:"Ngiyaxolisa ngazicabangela mina bengingazi ukuthi kuzofika la."

Amubuke umaBaloyi azithulele aqhubeke ngokuxolisa.

MaBaloyi:"We Liewe Heksie ngicela usuke phambi kwami  ngikhathele ngishawa ikhanda elibuhlungu ngifuna kuyophumula kwami, umakoti wami ukhulelwe naye kumele ayophumula."

Valencia:"Ngiyazi kepha ngicela uxolo niwajikise amaphoyisa."

Musa:"Valencia awuxolisi wena manje uthuswa indaba yamaphoyisa nje yingakho uxolisa ngeke ushintshe. Asambeni mama."

Amubambe ngesandla baphume abalandele uValencia manje abambe umlenze waMusa azilahle phansi.

Vale:"Ngiyaxolisa."

MaBaloyi:"Awungitshele ngizwa bamubiza ngesibongo sakhe ubuwazi ukuthi ungowami?"

Aphendule nesibibithwane simuphethe

Vale:"Lenesi langicela ukuthi okungenani ngimunike isibongo sakhe kanjalo uzoqhubeka angikhokhele, nami azange ngikubone kuyinkinga lokho. Wabese uyangitshela isibongo waba uBaloyi kanjaloke kukhona owayehlala ngakwami nguyena wangisiza ukuthi athathe neID"

Kukhale ibheli umfanyana asuke ngejubane ayolunguza abuye sekamemeza.

"Ma amaphoyisa imoto yamaphoyisa."

Athuke ome uValencia asukume phansi ayamele ngemoto yakhe bawavulele angene ngezimoto ezimbili, mawehla nje amaphoyisa angakazichazi ukuthi azokwenzani uMusa akhulume.

Musa:”Yimina enginibizile nasi isigebengu.”

“Ocingweni ukhulume ngokuthi watshontsha ingane.”

Musa:”Yebo yimina leyo ngane ayeba wayihlukanisa nomawo ngimuvulela icala.”

Likhiphe ozankosi elilodwa liqonde kuValencia osomemezayo manje.

Vale:”Ngixolele ndodana ngiyaxolisa ngiyakucela bengingazi ukuthi kuzoba nje ohhhhhhh Thixo onofefe.”

Mabamufasa amubueke umaBaloyi

MaBaloyi:”Muyekeni ningamubophi"

Musa:Themba:”Mama"

MaBaloyi:”Muyekeni ukwenzile ububi nomona nonya, wahlukumeza umoya wami yonke leminyaka kepha kukodwa akwenze kahle ungikhulisele indodana yami kahle.”

Ajike uMusa aye kunina

Musa:”Akangikhulisanga ma abehlala angekho ngihamba ngihlala ma.”

MaBaloyi:”Ukhulile kodwa yena akubhekile.”

Musa:”Lomuntu ungithanda manje ngoba sengiwudokotela.”

MaBaloyi:”Nakhu ukufundisile.”

Musa:”Akangifundisanga ma ngathola umfundazwe mina ngokuzihlakaniphela kwami, zange akhiphe ngisho uzuka lo.”

MaBaloyi:”Ngiyakuzwa ndodana kepha ngicela wenzele mina uyangibona ngikhule njani manje ngeke ngibe nawo amandla okungqingqa ezinkantolo ngihamba icala leli. Ngifuna ukujabula kunye nawe ngicela umyeke azophephuka lezinkophe azifakile zicuthwe indlala.”

Ahage indodana yakhe bangene emotweni uMusa ayolanda isikhwama sakhe kanye nezinto emotweni yakhe.

Musa:”Ngizoyilanda imoto yami mangibuyela emsebenzini ungajika ngayo."

Ve:”Ngiyabonga mamakhe ngiyabonga nakuwe.”

Amaphoyisa azihambele nabo bagibele emotweni bafostane lapho bangene bonke.

Musa:”Angikholwa."

Themba:”Ndoda bengingazi ngawe kepha bengikukhumbula angazi kanjani.”

Musa:”Ngiyazwisisa nami bengizwa ngaphakathi kimi ukuthi kunesikhala engingasazi ngisivale kanjani kepha ngangicabanga ukuthi mhlawumbe kwenziwa ukufuna ukufuna ukubona ubaba.”

Baqhubeke ngohambo

Musa:”Ubaba yena ukuphi?”

Babukane bonke kwehle izinyembezi kumaBaloyi.

MaBaloyi:"Ubaba wakho akasekho kulomhlaba ndodana."

Abheke phansi uMusa bahambe baze bafike kwehlike uLungile avule isango bangene uNtombela usazihlezele phansi kwesihlahla. Bangamunaki kuningi okusemakhanda abo mabangena asukume kulobhuqu ahlezi kulo.

Amangale makabona amadodana amabili ekubeni ahambe neyodwa. Bavule umnyango bangene endlini athalaze la ngaphandle uMusa abuke uNtombela amumangalele ngoba wamubona ebukhosini, uThemba aphume makaqeda ukusiza uSphe nomawakhe.

Babukane noMusa bahambe bayohlala phansi kwesihlahla celeni kwaNtombela.

Themba:"Usale kahle babNtombela?"

Ntombela:"Ngibekahle ndodana yize ngibambe amanzi ngifuna kuwachitha angiyibonanga indlu encane lonke legceke"

Themba:"Hawu ubungawachitheli ngani  ngale emva kwendlu?"

Ntombela:"Eyyyy ngisaba ukunukisa  umawakho ulishobolo angangimemeza."

UMusa amoyizele

Themba:"Nangu umfowethu sitholane namuhla besingazi"

Ntombela:"Kuyazisho kwabonakalakudala nje."

Themba:"Ingabe iwona mlayezo obuwulethe kumama?"

Abheke uMusa uNtombela abuye abheke phansi amise amadolo.

Ntombela:"Cha ndodana akusiwo."

Kuqhamuke uLungile egijima

Lungile:"Bhuti uma uqulekile futhi."

Basukume ngokushesha bagijimele endlini bamufice enoSphe ezama kumukhumula ikinobho yephinifa egunjini lakhe amushayise umoya. Bamuthathe bamubeke phezu kombhede amubheke uMusa abeke nesithupha sakhe eqakaleni lesandla alalele abuye asibeke entanyeni.

Musa:"Uthukile  akukho okunye ingabe kukhona amaphilisi awaphuzayo njengewoshukela?"

Themba:"Cha ngaphandle mangabe akangitsheli."

Lungi:"Mina bengizokwazi awekho bhuti."

Musa:"Vula lefastela lapho kuwe, sisi ngizele namanzi abandayo nethawula elincane."

Ntombela:"Ingabe uzoba kahle ndodana yami?"

Amubheke futhi uThemba makezwa sekabiza uMusa kanjalo.

Musa:"Akukho kubi akudingi nokuthi aye esibhedlela uthukile ngizoya komfunela azokuphuza."

Abuye uLungile namanzi awathathe uThemba.

Ntombela:”Ndodana uthe ufuna kothenga azokuphuza ngicela kumenza, ngizomubheka uze ubuye.”

Babukane

Lungi:”Ngizomupholisa mina babNtombela uzosithethisa umama makaphaphama ulana.”

Ntombela:”Anginankinga wena kumele uyobheka inkosazana nenkosana, kanti umakoti ukhulelwe sizomsinda lesimo, Themba.”

Themba:”Umubheke ngizahamba noMusa ngoba akayazi lendawo.”

Baphume belandelana asale uNtombela aguqe phansi celeni kombhede avome lethawula anikwe lona alibeke esiphongo. Makalibeka nje kube ngathi uyathuka umaBaloyi kepha angawavuli amehlo, amoyizele yedwa uNtombela.

Emgwaqeni abantu bahamba bamangalela labantu abafanayo abangahlukaniseki. Abamaziyo uThemba bamubiza ngobabBaloyi mababingelela bavuma bobabili….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMAKHULUKHULU🌼

Scelo:”Uzobuya namuhla angithi?”

Ntwenhle:”Hayibo ndoda ngikhumbule ekhaya kunini ungihlalele angisakhoni nokuhamba.”

Scelo:”Ngijabulile ngesipho ongiphe sona akuvumi ngikudedele ngathi bazongithathela wena.”

Amoyizele uNtwenhle bahagane

Ntwenhle:”Awumkhumbulanga umama?”

Scelo:”Ngikhathazekile nje ngaye ngoba angimazi nokuthi ukuphi.”

Kukhale ucingo lwakhe aluphakamise

Scelo:”Hellow.”

Dr.Baloyi:”Ndoda awuyanga emhlanganweni.”

Scelo:”Umhlangano wakuphi manje?”

Dr.Baloyi:”Izolo ngikucele ukuthi ungiyele emhlanganweni nabodokotela bekuboniswana ngesinye isigulane esinenxeba elime kabi nje ngasenhliziweni.”

Amangale uScelo

Scelo:”Ayi bhuti angiyazi leyonto mina.”

Musa:”Ngikucelile wavuma wase uvala ucingo ngokushesha.”

Akhumbule ukuthi kunento amucele yona wavuma ngoba emususa endleleni sekabona uNtwenhle wakhe. Amoyizele yedwa

Scelo:”Ngiyaxolisa kakhulu bhuti ngikhohliwe.”

Musa:”Akunankinga ndoda bawuhlehlisile ngizobe sengibuyele.”

Scelo:”Ukuphi kanti?”

Musa:”Ngisekhaya kunento esalungiswa.”

Aluvale abheke uNtwenhle

Scelo:”Izinto ongenzisa zona ngiyakuvuma, buya ngikuphelezele.”

Lukhale futhi ucingo lwakhe alubheke

Scelo:”Indlovukazi sthandwa sami.”

Ntwenhle:”Kanti kungani sekahlala akushayela?”

Amoyizele uScelo

Scelo:”Ndlovukazi sawubona"

Thobile:”Unjani?”

Scelo:”Ngiyaphila, yazi njalo mangibona inombolo yakho ngiyathuka"

Thobile:”Khululeka umama uzokhishwa amabhandishi namuhla ngithi angikwazise nje."

Scelo:”Udokotela wakhe uthini?”

Thobile:”Uthi kuyathembisa akukho okuyingozi futhi ululama kahle.”

Scelo:”Kungani indlovukazi imulanda ukube ungazisile ngimulande mina"

Thobile:”Inkinga ayikho”

Scelo:”Manje mabamukhipha uzobe sofikile?”

Thobile:”Ngilinde khona kuyimanje ngizobanaye ungakhathazeki.”

Scelo:”Ngiyabonga ndlovukazi kakhulu futhi.”

Thobile:”Scelo"

Scelo:”Ngisekhona.”

Thobile:”Ngicela uze uma inkinga ingekho mina ngifuna ukwazi ngawe ngathi kukhona okumele umama akukhulume.”

Scelo:”Nizoba sebukhosini ngobani isikhathi?”

Thobile:”Sizofika ebusuku kungenzeka sibonane ngakusasa.”

Scelo:”Ngiyeza ngiyabonga sisi"

Bavalelisane uNtwenhle akasamnandanga azibhekele le.

Scelo:"Nkosazana komele ngiye emaHlubini futhi."

Ntwenhle:"Umama sekabuyile na?"

Scelo:"Akakabuyi kodwa."

Ntwenhle:"Manje wena uyokwenzani umama angekho?"

Scelo:"Kunento okumele ikhulunywe."

Ntwenhle:"Efana nani Scelo, lendlovukazi isihlala ikushayela njalo nje manginawe wena awuboni kuthi akukho kahle lokho. Ngayibona futhi ilokhu ikubheka ngenkathi isekhaya, benibhekana nawe uyibheka."

Scelo:"Hawu Enhle."

Ntwenhle:"Ungangiphelezi ngizozihambela vele ngizizele, hamba uyobona intombi yakho."

Amoyizele uScelo anikine ikhanda

Ntwenhle:"Kukahle kuwe uyangihleka ungibona ubulima ngoba sokutholile okufunayo, letha makhiye wami ngizihambele."

Afake isikhiyo ekhikhini uScelo abuyele endlini akhiphe isikhwama apake angene uNtwenhle.

Ntwenhle:"Nginike bokhiye ngihambe Scelo."

Angamuphenduli aqhubeke ngokupaka.

Ntwenhle:"SCELO LETHA NGIHAMBE."

Scelo:"Ngizokuhambisa ungalokhu ungibangela umsindo."

Ntwenhle:"Ngeke ukubone lokho uzongihambisa bese uya kulendlovukazi yakho, vele uhambe manje ungazihluphi ngami."

Scelo:"Phuma Enhle ngifuna kubona uMpilwenhle kuqala bese ngiyahamba"

Aphume sekalawulwa ukucasuka ayomulinda ngaphandle athathe ucingo lwakhe uScelo ashayele uMduduzi.

Mdu:"Sho my authi."

Scelo:"Unjani?"

Mdu:"Ngiyaphila."

Scelo:"Ngicela ifavour my authi."

Mdu:"Noma yini."

Scelo:"Ngicela ungicelele inkosikazi yakho ipakele isikhwama sikaNtwenhle izimpahla zesonto lonke siyeza manje sizosilanda, nezaMpilo."

Mdu:”Uyamkhipha na?”

Scelo:”Yebo ngiyolanda umama"

Mdu:”Ohhh sebaqedile ngaye?”

Scelo:”Eya baqedile.”

Mdu:”Ngizocela usisNokubonga ngoba uLungile akekho, noma ngicele uMlungisi?”

Bahleke uNtwenhle makezwa ahleka uScelo acasuke kakhulu abuyele egunjini eme emnyango.

Scelo:”Ungaqali ngiyeza manje ke  ngizokubona.”

Mdu:”Nihambelani noMpilo kodwa ngoba uchithisa bomama isizungu nebami abekho bonke"

Scelo:”Ngimukhumbulile hawu ngeke ngikhone.”

Mdu:”Kulungile sharp.”

Scelo:”Ngiyaonga.”

UScelo uyabona ukuthi umlalele uNtwenhle ngemuva noma sekaluvalile ucingo aqhubeke akhulume yedwa.

Scelo:”Eish uyazi nawe ngiyakuthanda angazi ngenzenjani mina ngoba ngeke azwisise.”

Athule kancane

Scelo:”Ngizomutshela namuhla kumele akwamukele"

Afake ucingo lwakhe ekhikhini azishayele ikhwele avale isikhwama sakhe uNtwenhle aphelelwe amandla abuyele emuva angakholwa lento aqeda kuyizwa. Abuye uScelo nesikhwama sakhe makabona indlela ayiyo uNtwenhle azisole ngokudlala kanje.

Scelo:”Sthandwa sami ngiyazidlalela mina bengikhuluma ngedwa ngoba ngibone unesikhwele manje sengiyahluleka.”

Ntwenhle:”Unamanga.”

Scelo:”Bengikhuluma nobhuti wakho uMduduzi  ngakubona ulalele ngase ngikhuluma ngedwa”

Ntwenhle:”Ungadlala kabhlungu kanje kodwa Scelo.”

Alule isandla amudonse amuhage

Ntwenhle:”Kusafana kodwa lendlovukazi iyekele ukukushayela kaningi nje ayyyy.”

Bangene emotweni ashayele uScelo baze bafike ebukhosini babingelele kukhona umaBiyela noNokubonga.

MaBiyela:”Emini kangaka kube usale walala futhi.”

Ntwenhle:”Hayibo mama"

MaBiyela:”Unjani mkhwenyane ngizwa uNokubonga athi niyahamba?”

Scelo:”Eya ma.”

MaBiyela:”Kulungile nihambe kahle ndodana umugade lo angenzi ukuphapha la eniya khona.”

Amoyizele uScelo azibhekele phansi

Ntwenhle:”Angihambi mina mama"

Scelo:”Uyahamba bengicela uMduduzi akupakele ngenkathi ngikhuluma naye"

Amoyizele afune nokumhaga kodwa azikhuze ngoba umawakhe ubabhekile.

Nokubonga:”Isikhwama sakho sisegunjini lakho"

Ntwenhle:”Ngiyabonga sisi.”

Aqonde egunjini lakhe abuye sekaphethe isikhwama sakhe nesikaMpilwenhle ogonwe uNokubonga, bamuthathe bavalelise.

Ntwenhle:”Mama utshele ubaba ukuthi ngihambe nomndeni wami umtshele futhi ukuthi.”

Akhiphele umawakhe ulwimi

MaBiyela:”Kuhle ngoba uyangazi ngizomutshela njengoba injalo lento oyenzayo.”

Bahleke

MaBiyela:"Nihambe kahle bantabami."

Bayongena emotweni ayisuse uScelo masebahlalisekile...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMAHLUBINI 🌼

Ekuseni uThabiso noThami bavuka bazilungisa sebejahele enkantolo uManqoba aqhamumeke basadla etafuleni kuthulekile. Uyazi ukuthi ubaba wakhe akafuni kukhulunywe makudliwa njengomkhulu wakhe ahlale phansi ababheke bobabili. Aziphakele adle naye alokhu ababheka uThami akayijwayelanga lento yokuhlala uthule makudliwa manje lento ayenzayo uManqoba imufaka enkingeni ufuna kuhleka. Abone ukuthi kuncono axolise asukume.

Thami:"Ngiyaxolisa babTshabalala ngicela kuyoqedelela."

Avume ngekhanda uThabiso asukume abuyele egunjini alakhe abhalele uNqobile umlayezo.

Thami:*Ngizwa bathi uyabuya ngempelasonto ezayo?*

Nqobile:*Hitman ekuseni kangaka?*

Thami:*Ngikukhumbulile ntokazi.*

Kukhale ucingo lwakhe alubeke endlebeni

Thami:”Ntokazi.”

Nqobile:”So early why?”

Thami:”Ngikukhumbulile.”

Nqobile:”Mina sengijahe kubuya ngikukhumbule kakhulu.”

Thami:”Usalele?”

Nqobile:”Obviously.”

Thami:”Nqobile"

Nqobile:”Yes.”

Thami:”Ngiyakuthanda"

Nqobile:”I know hey I love you too.”

Thami:”Kumele ngihambe ubekahle.”

Nqobile:”I still want to talk to you.”

Thami:”Namuhla ngeke kukhoneke ngizokushayela mangibuya uyezwa.”

Nqobile:”Uyaphi kanti ngoba awuyi ekolishi?”

Thami:”Zokuchazela ntambama"

Nqobile:”Kulungileke.”

Amumemeze uManqoba ngale

Manqoba:”Team yaThabiso uyakubiza"

Thabiso:”Ngizokushaya wena umemezelani kangaka?”

Manqoba:”Hadee thayma, niyaphi vele ngoba nizikhame ngezintambo kanje entanyeni.”

Ahleke kancane uThami makaqeda aphume egunjini lakhe afice uThabiso sekaphethe ipotimende lakhe.

Thabiso:”Uyahamba namuhla?”

Manqoba:”Nop.”

Thabiso:”Kulungile mfanami ngizokubona masibuya"

Manqoba:”Umama uzobuya nini?”

Thabiso:”Ebsuku ngiyacabanga somukhumbule?”

Manqoba:”Ngiyazibuzela nje..”

Thabiso:"Kulungile ndodana."

Baphume bayongena emotweni abashayelele umshayeli wakhe.

Thabiso:”Uyazi egaraji basinikile lefootage kwenzeka njengoba uchazile umuntu ongazi angafunga ukuthi nawe ubulapho.”

Thami:”Manje amaphoyisa niwashayele?”

Thabiso:”UNganono unqabile uthe ufuna kubanaye,,,,, mxm never mind.”

Azithulele uThami ngoba uyaqonda abefuna ukuthini  enze ngathi akazwisisi lutho. Kukhale ucingo lukaThabiso alubambe.

Thabiso:”Ndoda shesha ngiya enkantolo manje"

Mandla:”Ubaba ungene esibhedlela futhi angazi inhlizyo yenzani"

Athuke uThabiso eme ikhanda ajuluke ngaleso sikhathi akakwazi ukulahlekelwa ubaba wakhe futhi akukwazi.

Thabiso:”Nini?”

Mandla:”Manje.”

Thabiso:”Ngiyeza.”

Avale ucingo lwakhe

Thabiso:”Paul ngimukise esikhumulweni sezindiza.”

Ukhuluma uchofoza ucingo lwakhe alubeke endlebeni.

Thabiso:"Ngidinga indiza ngokushesha ngeke ngikhone kulinda ukubhukha ngifuna ukuya ekhaya."

Makaqeda aluvale.

Thami:”Baba asisenaso isikhathi icala liyangena manje.”

Adonse umoya

Thabiso:”Ndodana amaphepha onke uwafundile nawa kupotimende yami ngiyacela angeke ngikhone kukhuluma lapha ubaba wami ubaluleke ngenye indlela kimi futhi indodakazi yami ilapha.”

Thami:”Mnumzane mina ngizokwenzanjani lapha anginazo neziqu.”

Thabiso:”Imantshi ngeke ikubuze lutho wena uzozichaza ukuthi ngithumele wena kuzozizela kuwe ndodana ngiyakuthemba please"

Ayengezele izinyembezi uThami noma angahlakanipha kangakanani akakaze abhekane nento enje, bafike esikhumulweni sezindiza ehlike njengohlanya uThabiso, sekashayele nendiza yakhe kuthi izomlanda.

Ehlike noThami agijime emva kwakhe akazi naye ufunani. UThabiso akhumule ibhantshi lakhe lobummeli amugqokise lona lide lishaya le amuxhawule.

Thabiso:"Ndodana hamba uyokhipha uNganono ejele kuzozizela."

Avume ngekhanda

Thabiso:"Paul hambisa uMkhaliphi enkantolo sekashawe isikhathi, ngiyakuthemba Mkhaliphi"

Afulathele abashiye uThami azibambe esifubeni abuyele emotweni avule lepotimende kunesithombe somndeni wakhe ababuke bonke amehlo ahlale kuNqobile amoyizele yedwa.

Asichelise avule amanye amaphepha awabheke akusikho nokubheka lokhu akwenzayo ukuhambisa amehlo nje. Ifike imoto enkantolo avale kahle ipotimende laThabiso kugcwele isiminyaminya abantu bazokweseka inkosikazi engasekho ekaNganono. Abanye baphethe imibhalo okuthi akangakhishwa uNganono, akubuye isigwebo sentambo, njalo njalo. Kukhona izintatheli sezihle zilindele umnyango uvuleke ngoba bayazi ukuthi ummeli walombulali uhamba ngalemoto, adonse umoya akhiphe ucingo lwakhe ashayele umawakhe alubambe.

Thami:"Mama iNkosi ingiphe umsebenzi namuhla vulela izindaba icala lalomuntu okuthiwa ubulele umkakhe."

MaMkhaliphi:"Wuuuu ndodana uNganono leso sikhohlakali somuntu angeke alibone izulu, sibukele sinobaba wakho la"

Thami:"Ngikhulekele ma ukuthi ngibe nesibindi ngoba ngithukile"

MaMkhaliphi:"Umsebenzi muni kanti onikwe wona ndodana?"

Thami:"Bukela lapho."

Aluvale ucingo

Paul:”Ngikuvulele mnumzane omncane?”

Thami:”Ngivulele baba.”

Mawuvuleka nje umnyango womshayeli zisondele izintatheli nemibhobho yazo, kukhale namaqhumela kwa kwa kwa yilowo nalowo ufuna kuba wokuqala obuzayo. Bamulinde avulele uThami babukane emehlweni makuphuma umfana abangamazi, kepha ngoba basemusebenzini basheshe ukubuyisa izingqondo nakhu ugqoke nebhantshi lobummeli.

Ntatheli:”Mnumzane ingabe ukuphi ummeli kaNganono?”

Angaphenduli ahambe abheke phansi uvalo luyamugoqoza ngaphakathi.

Ntatheli:”Sir ingabe nguwena othatha icala lakhe? uMr.Tshabalala uphose ithawula? ingabe unazo nje iziqu zobummeli? Ungubani mnumzane? Uneminyaka emingakhi?”

Akukho neyodwa impendulo ayikhiphile uThami wenze konke okushiwo uThabiso, uPaul abelokhu ebavimba kuthi bangasondeli kuye. Abazali bakhe babukane emehlweni lokhu abakulindelanga babuye babukele umabonakude, ngempela indodana yabo lena.

Kusenjalo kungene umlayezo obuya kuSphe kuthi ababheke uThami kumabonakude, umawakhe ehle kusofa khona lapho ngamadolo akhulekele indodana yakhe akazi nokuthi iyokwenzani lapha.

Phakathi enkantolo ingene iMantshi uThami angakangeni uNganono sekalokhu ubheka emnyango luyamushaya uvalo phela ummeli wakhe akakaze afike sekundlule isikhathi. Noma sekamuphosele ithawula naye?

Iphimbo:"ALL RISE."

Basukume bonke baphinde bahlaliswe phansi umndeni wenkosikazi kaNganono uhlezi kolunye uhlangothi. Makasukunyiswa uNganono bahhumuzele benziwa intukuthelo umakhwapheni uhlezi phambili ohlangothini lwabaseka uNganono.

Mantshi:"Lecala selidonse isikhathi eside kungacaci okwenzekayo, namuhla ngizokhipha usuku lwesigwebo, ummangalelwa akasukume ngiyabona ummeli wakhe akekho abanye balahla icala kanjalo."

Amuthuse lawo mazwi uNganono asukume sekaphephethwa ukuthuka makabuka umakhwapheni wakhe azimoyizelise kuthi afe nje makacabanga ukuthi ubulale inkosikazi yakhe manje umndeni nezingane zakhe abamufuni. Sekemengezinyawo vele

Imantshi iqale ifunde ubufakazi obulethwe enkantolo bonke bese ibuka uNganono.

Mantshi:"Mr.Nganono Mahlalela imantshi ikuthwesa icala lokubulala inkosikazi yakho ngomhlaka 15 kulenyanga ezayo uzothola isigwebo sakho, manje awusabuyeli ekhaya uya ejele uyolinda usuku lokugwetshwa."

Bajabule abaseka umufi kuvuleke umnyango bonke babheke emuva ngoba akungenwa imantshi mayikhuluma. Kusondele amaphoyisa kuThami abachazele kuthi ungumsizi kaAdv.Tshabalala oyedwa agijime aye kwimantshi ayichazele ivume ukuthi angene.

Asondele amehlo ayamuthusa kepha aziqinise ayohlala la kumele kuhlale khona uThabiso.

Mantshi:"Orde in court, UKUTHULA ENKUNDLENI."

Ashaye itafula lakhe alungise izibuko zakhe abhekisise uThami.

Mantshi:”Besengimuthwesile icala isigwebo sizomenyezelwa ngomhlaka 15 enyangeni ezayo, ingabe kukhona othunywe khona ingakachitheki inkundla?”

OMunye ummeli amoyizele ngoba ezibonela ukuthi,ummeli omkhulu ubalekile icala liwinwa nguyena. Akhohlele kancane uThami abheke imantshi asukume.

Thami:”Nkosi yenkantolo ngizoqala ngokuxolisa kufika isikhathi sesishayile kepha ngibanjezelwe ilobufakazi obusha obuqhamukile. Ngenkulu inhlonipho ngicela imantshi ihlehlise isinqumo salo.”

Asukume ummeli omphikisayo.

Mmeli:”Objection your honour kudala lidonsa lecala uhulumeni umoshakalelwe kakhulu liphenywa ekubeni kucaca ukuthi nangu umbulali"

Thami:”You have no right to call my client ngombulali.”

Mmeli:”Ubufakazi bufike late"

Thami:”Kepha bufikile this will prove that my client is innocent.”

Mmeli:”Hey boy a court does not work like that"

Mantshi:”ORDER.”

Thami:”Court must make sure that justice is served, daddy.”

Kusuke omkhulu umsindo lo abantu sebamangazwa amalangani omfana omncane.

Mantshi:"Order in my court maningalawuleki ngizoyivala lenkundla"

Sebeme babheke emehlweni namabhantshi amade uThami sekakhohlwe nokuthi abeqedwa uvalo manje, uNganono umoyizela yedwa kanti umakhwapheni kuye kuyafana nje akekho ozobona kuthi nguye.

Thami:"Uxolo your honour."

Mmeli:"Uxolo your honour but im still opposing his request futhi imantshi beseyimubekile icala, objection"

Ababuke umantshi

Mantshi:"OBJECTION OVERULED"

Amoyizele uthami azilungise ibhantshi likaThabiso ngoba liyamusinda nalo.

Mmeli:"Nkosi yenkantolo"

Aphakamise isandla kuthi athule kepha amehlo akhe abheke kuThami sekamubukele phezu kwezibuko.

Mantshi:"Ngifuna ukubuzwa nami lobufakazi, Advocate.?"

Abheke uThami

Thami:"Advocate Thamsanqa Mkhaliphi."

Mantshi:"Adv.Mkhaliphi inkundla eyakho."

Asukume uThami kuthuleke cwaka wonke amehlo amubukile intatheli evunyelwe kungena phakathi iyodwa izithathela kude le izithombe.....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 71🌼

THOBILE 🌼

UThobile angene phakathi masebamubiza udokotela aqhaqhe umama Scelo amabhandishi ngokukhulu ukuqophelela lokhu.

Dr:"Mama sewasuke wonke amabhandishi ungawaphoqi amehlo akho kuthi avuleke angithi unezinsuku avaliwe ngeke avuleke kalula vele. Manje sizokubeka egunjini elimnyama kuthi angahlabeki mawuwavula."

MaScelo:"Kulungile ndodana."

Dr:"Indlovukazi isifikile khululeka namuhla izojika nawe."

MaScelo:"Ngiwazwile amakha wakhe"

Thobile:"Hawu ma kahleni bo."

Dr:"Nizongilinda la amahora ambalwa."

Ahlale isikhathi siqhubeke

MaScelo:"Ndodakazi yami ngicela amanzi."

Asukume amunike amehlo asavalekile alokhu aphuma izinyembezi nobhici amusule uThobile aphuze amanzi akhe aqede.

MaScelo:"Awungitshele ngikuzwe uthi uScelo ufana newele lakho."

Thobile:"Ufana naye kepha ukubaba kakhulu angazi ngenkathi asekhaya umama wahlala kanjani angamuboni. UScelo uhamba njengobaba ufana naye, noma amoyizela unguye nje. Yena newele lami bathanda ukufifiyela futhi ubaba wayekuthanda lokho."

MaScelo:"Ubaba usaphila na?"

Thobile:"Cha akasaphili kudala asishiya kulomhlaba kodwa ukubona uScelo kuye kwangivusela izinhlungu ngingasho nje ukuthi uScelo unguye."

MaScelo:"Ubani isibongo  sababa wakho?"

Thobile:"Ubabami wakwaHadeba ma."

MaScelo:"Ngitshele ngaye ngane yami negama lakhe."

Kungene udokotela angakaphenduli uThobile

Dr:"Sewandlulile amahora amane bengiwalindile, mama ungazama kuwavula."

MaScelo:"Sewathambile ndodana ngoba ngiyakhona ukucwayiza ncono manje ukuthi bengisaba ukuwavula ungekho."

Dr:"Wavuleke mama."

Awavule kancane agcwele izinto ezimhlophe amusule kahle aze amuthontisele amadrops emehlweni, aphinde awavule futhi awandwazise amehlo awavule wonke.

Thobile:"Kukhona okubonayo mama?"

Makakhuluma angabheki ngakuThobile umama Scelo abheke endaweni eyodwa.

MaScelo:"Ngiyabona ukukhanya ndlovukkazi nawu umnyango kukhona nomabonakude kulesibhedlela."

Bamoyizele uThobile asondele

Thobile:"Hawu mama manje awufuni kusibheka?"

MaScelo:"Bengifisa ukubona indodana yami kuqala ndlovukazi kepha amehlo ayanginqabela ngiyabona mntanami."

Dr:"Iningi lezigulane zami ziba nabantu ezifuna ukubabona kuqala kujwayelekile lokhu okwenzayo ma, ngizokuvala kuthi uwaphumuze angakalumi masophambi kwendodana yakho uzokuqhaqha undlovukazi."

MaScelo:"Ngiyabonga ndodana"

Thobile:"Akukho okuzodingeka masengimuqhaqha mabhandishi?"

Dr:"Cha kepha ngizokunika lamadrops  nawo angicabangi ukuthi sizobakhona isidingo sokuwasebenzisa ngoba umama ukahle nguye nje ongafuni kusibuka."

Thobile:”Akukho nezinhlungu ozizwayo ma emehlweni?”

MaScelo:”Azikho ndlovukazi"

Kukhale ucingo lwaThobile alubheke umyeni wakhe uqale washayelwa uPhumelele wangaluzwa, amangale alubambe.

Thobile:”Ungamubhandisha ngisaphendula ucingo lwami.”

Asale emubhandisha vele aphume uThobile

Thobile:”Tshabalala"

Thabiso:”Baby sengisuke ngahamba ngingabikanga ngisekhaya uMandla uye wangishayela athi ubaba ungeniswe esibhedlela ngenxa yenhliziyo"

Athuke uThobile ngobabezala wakhe

Thobile:”Hawu ngoba inhliziyo yangena kahle nje inkinga seyikuphi?”

Thabiso:”Angazi uZuzmuzi usasenaye akakasiphenduli.”

Thobile:”Uqede enkantolo wayogibela indiza?”

Thabiso:”Ikhanda lami livele lasangana ngishiye uThami enkantolo lento ngiyicabanga manje ukuthi ngenzeni"

Thobile:”Siyaqeda manje nomama Scelo ngizomshiya ebukhosini ngibheke noThami kuthi wenzenjani bese ngiyeza.”

Thabiso:”Cha sthandwa sami kumele ube lapho la ekhaya siphelele kumele uthole lendaba yaScelo uyazi unele kukhuluma kuthi ufana nobaba wakho nami ngamubona uMbongeni kuye. Yize ngingamazi ubaba.”

Thobile:”Lento iyangithusa kungabancono mangabe akunalutho.”

Thabiso:”Nangu uZuzmuzi aphuma ngizobuye ngikushayele"

Thobile:”Ungaluvali sthandwa sami ngifuna ukumuzwa nami, umama Scelo basemataaa ngaye.”

Angaluvali awezwe wonke amaphimbo abo babuza naye afise ukube uduzane nomyeni wakhe ngoba uyamazi makaphatheke kabi wenza izinto ezingathathi kahle ukhonwa nguye kuphela, abuye acabange nendodakazi yakhe ele ukuthi ithuke kanjani la ekhona.

Zuz:”Ubaba unamanzi enhliziweni angazi angene kanjani.”

Thabo:”Makungazi wena ndoda thina sizokwazi kanjani?”

Zuz:”Eyyy lento okumele ngiyenze ngidinga esinye isandla akukho lula ukukhipha ifluid enhliziweni futhi kubaba kuyingozi ngoba lamanzi ahlangene namafutha.”

Thabiso:”Izandla ezinjani?”

Zuz:”Udokotela wenhliziyo omunye.”

Akhulume lapho ocingweni uThobile

Thobile:”Baby shayela uScelo nguyena angithi osize ubab'Biyela.”

Zuz:”Nami bengifuna kucela yena ubhuti Jabu nguyena okumele amushayele"

Avale ucingo uThobile ubona ukuthi kuzothatha isikhathi amushayele.

Scelo:”Ndlovukazi.”

Thobile:”Senifikile ebukhosini?”

Scelo:”Ngiyashayela ndlovukazi ngisasekude"

Thobile:”Scelo bandla ubabezala wami usenkingeni ngenhliziyo bathi inhliziyo yakhe inamanzi ngiyacela ngiyazi ujahe ukubona umama wakho ngiyacela”

Kuzwakale umsindo ngathi umisa imoto eceleni emva kwesikhashana.

Scelo:”Umama ukahle yena?”

Thobile:”Ukahle uyabona futhi emehlweni ukuthi uthe ucela bawavale futhi ngoba ufuna ukubona wena kuqala, ngizomukhipha lamabhandishi masekukhona wena.”

Ajabule uScelo acabange ukuthi umusizile naye uThobile ngomawakhe yize ajahile ukumubona nje.

Thobile:”Bhungane ngiyakucela ngizomani ngize lapho nomama makaqeda la.”

Scelo:”Izingane zona ziphi?”

Thobile:”Bakhulile laba bajwayele futhi ukuba bodwa le yentombazane yiyona engihlala ngikhathazeke ngayo manje isekhaya nayo.”

Scelo:”Ngizojikisa imoto manje bengingakabi kude kakhulu.”

Abonge uThobile aluvale ashayele umyeni wakhe amazise abuyele phakathi amufice sekaqedile udokotela ngomama Scelo. Amuphushe bamusize nokugibela emotweni bahambe babayise esikhumulweni sezindiza. Kungabi nzima ngoba umama Scelo ukujwayele ukuhamba angaboni.

Thobile:”Mama ubabezala wami akaphilanga kahle uScelo bekumele simthole ebukhosini kodwa sengimucele ukuthi ayongibhekela ubabezala wami ngoba unenkinga yenhliziyo.”

Athule umama Scelo ngoba usalalele.

Thobile:”Mangabe akukho kahle ma ngithe kuye sizoza le manje"

MaScelo:”Ungakhathazeki ndlovukazi ngizobona ngaye umfana masekafika, wena ungahamba nami uma ufuna hhayi ngoba ujahe kungihlanganisa naye. Usungisize kakhulu ngane yami"

Thobile:”Kulungileke ma kusho ukuthi sizoya ebukhosini ngibheke labafana bami.”

Ngempela amabombo bawabhekise ebukhosini….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

Aphaphame umaBaloyi sekasembhedeni wakhe makabhekisisa abone uNtombela azihlezele esitulweni kepha buqamamana nombhede. Azibambe ekhanda akhumbule obekwenzeka azame kuphakama, asondele ngokushesha uNtombela kuthi amusize.

Ntombela:”Ngiyabonga gogo usuphapheme"

MaBaloyi:”Kuthiwe ungigade na?”

Ntombela:”Cha salukazi sami amadodana akho aphumile ayokufunela ozokuphuza kukusize"

MaBaloyi:”Iphi indodakazi yami kanye nomakoti?”

Ntombela:”Indodakazi imatasa nezingane zayo, kanti umakoti ukhathele uqambalele"

MaBaloyi:”Ntombela awungitshele kahle uzokwenzani la?”

Abheke phansi uNtombela alande isitulo abehlezi kuso asisondeze duze nombhede ahlale phansi amubheke emehlweni umaBaloyi athuke aze awasuse kuye amehlo.

MaBaloyi:”Uzokwenzani la futhi ungibukani kanje.”

Adonse umoya uNtombela amehlo akawasusi kumaBaloyi.

Ntombela:”Angazi uzokuthatha kanjani kepha kunjalo nje akujiki kudala ngiziba akuzibeki.”

MaBaloyi:”Ntombela khuluma wazenza isoka elishelayo nje elikhuluma into engezwakali, nawu umhlolo wami kumele ukhulume lomlayezo,wakho bese uyahamba la kwaBaloyi indlu igcwele amadodana mabili.”

Ntombela:”Salukazi ngihlushwa inhliziyo ngibathe ngishaya amathambo nawo angikhomba la engihlupheka khona. Angizanga ukuzokweyisa kepha ngiyahluleka akusasebenzeki"

Adideke egcineni umaBaloyi ngoba akamuqondi uthini abeke isandla sakhe esiphongo, kungene amadodana akhe ajabule mawamubona sekahlezi ngezinqe.

Themba:”Usuphapheme ma, siyabonga babNtombela.”

Musa:”Unazo izinhlungu zekhanda?”

MaBaloyi:”Zona zikhona kodwa azizimbi kakhulu uNtombela abengichitha isizungu kodwa ukhala ngenhliziyo emuhluphayo"

Bamubheke

Misa:”Nginomngani ongumpetha kubantu abahlukunyezwa inhliziyo ngingakuxhumanisa naye.”

Ntombela:”Cha ndodana yami ngicela indlela sengikubikile ebengikuzele kodwa ngathi asizwani"

Themba:”Hayibo kumnyama la ngaphandle usubuyela emuva manje?”

MaBaloyi:”Uzohamba njani uqeda kusho ukuthi uphethwe inhliziyo, kanti uyagula ngempela na.”

UThemba babhekane noMusa amusole uThemba masekukhulunywa izindaba zenhliziyo kangaka kepha azikhuze ngoba kunzima ukukholwa lento ayicabangayo.

Ntombela:”Indawo yokufihla ikhanda ayikho ngoba indlu igcwele.”

Musa:”Khululeka legumbi enginikwe lona uzolala kulo mina ngizolala la egunjini likamama phansi"

Abheke unina amoyizele

MaBaloyi:”Mangabe ufana nomfowenu ngoba sosho kanje ngeke ngikukhuze ngoba ngiyazi kuzogcina wena.”

Musa:”Ungazikhathazi ma ngeke ngivume vele.”

MaBaloyi:”Ngicela nitshele lamantombazane ngilambile ngifuna ukuzwa indaba kaNtombela kahle"

Themba:”Kulungile sizobe sisekhishini.”

Baphume basale bodwa asondele futhi uNtombela ahlale esitulweni amubheke aphinde ashalazele futhi umaBaloyi.

MaBaloyu:”Amehlo akho ayasabeka ngathi wesikhova ungangibuki kanje.”

Angayinaki lento ayishoyo ngamehlo akhe asondele nalesitulo abambe umaBaloyi ngesandla asathi ukhuza umhlolo umaBaloyi athuswe ukuqhaqhazela kwaNtombela uthukile uyabonakala.

Ntombela:”Salukazi sami mangithi ngihlushwa inhliziyo ngisho ngawe ngicela ungangithethisi ngoba ngiphatheke ngempela.

MaBaloyi:”Washumayela umuntu futhi qonda odabeni.”

Ntombeka:”Salukazi sami ngiyakuthanda kusukela ngiqala kukubona azange ngisakuthola ukuphumula, ngakuthanda lokho ngazikhuza ngoba ngizibona ukuthi sengiwumdadavu wekhehla kepha kuyala manje ngikuthandile mama wabafana.”

Amangale umaBaloyi agwinye namathe acabanga yonke lento ayizwayo ashawe naluvalo alale afulathele azimbese kepha isandla usasibambe ngenkani noma asidonsa umaBaloyi akafuni kusidedela.

MaBaloyi:”Phuma la egunjini lami ngizaze ngiquleke futhi ngoba uyangithusa impela"

Asukume uNtombela aqabule lesandla sakhe aze ashawe uvalo makabeka izindebe zakhe esandleni sikamaBaloyi aphume aqonde kulegumbi anikwe lona kuthi alisebenzise……..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

ENKANTOLO🌼

UThami azilungise ibhantshi ummeli ayohlala phansi.

Thami:”Ngizocela ukubiza ufakazi nkosi yenkantolo.”

Mmeli:”Objection your honour lecala kumele ngabe liphelile bonke abafakazi sebahlohliwe imibuzo.”

Imantshi ibhekise amehlo ngakuThami.

Thami:”Please your honour nginofakazi abathathu kepha ngenxa yokukhala komlingani wababa la ngicela ukubiza oyedwa"

Ivume ngekhanda imantshi athukuthele ummeli phela besekucaca ukuthi uyaliwina yena lecala.

Thami:"Ngicela ukubiza uThandolwethu Sibeko."

Amangale abuye athuke athalaze

Mantshi:"Ukuthula enkantolo ingabe lofakazi wakho ukhona la enkundleni?"

Thami:"Yes my lady nangu."

Amukhombe imantshi mayimubheka kunye nabanye abantu asukume ayogibela ebhokisini bamufungise, asondele uThami eme maqondana nebhokisi.

Thami:"SisThando ngicela uchazele inkantolo ngobudlelwane bakho nommangalelwa."

Thando:"Ahm siyazana."

Thami:"Cha ungakhohlwa ukuthi uqeda kufungiswa kuthi uzokhuluma iqiniso hhayi okunye kepha iqiniso, ngiyabuza futhi ubudlelwane onabo nommangalelwa."

Thando:"Siyathandana"

Usuke futhi umsindo bakhuzwe behlise umoya

Thami:"Ninesikhathi esingakanani?"

Mmeli:"Objection your honour angiwuboni lombuzo unobuhlakani uzoveza njani ukuthi uNganono ubulele."

Mantshi:”Adv.Mkhaliphi siyaphi nalombuzo?”

Thami:”Siya kubufakazi ngifuna kususa inkantolo ekuqaleni nibone umsusa nizozwisisa kepha uma nifuna ngiqonde ngqo la engiya khona ngingakwenza lokho."

Mantshi:”Cha take your time.”

Thami:”Ngiyabonga my lady”

Abuye abheke kumakhwapheni

“Ninesikhathi esingakanani?”

Thando:”Iminyaka emihlanu.”

Thami:”Ubuwazi ukuthi unenkosilazi?”

Thando:”Bengazi.”

Thami:”Kepha waqhubeka naye?”

Thando:”Bengimuthanda.”

Thami:”Makakushiya abuyela kunkosikazi wakhe ubuzizwa njani?”

Thando:”Bengizwisisa.”

Thami:"Ungaqambeli imantshi amanga."

Thando:"Bengiphatheka kabi."

Thami:"Ngomhlaka 1May ngonyaka ondlule  benihlele ukubonana ninommangalelwa ngitshele ngalolosuku."

Thando:"Ngizokhumbula kanjani ngoba kudala kwenzeka."

Thami:"Ngalolo suku kwashona inkosikazi yakhe, inkantolo ifuna ukwazi ukuthi ubuwenzani."

Thando:"Ohk ahm ngavuka ngayozilungisa njengasemhleni kuthi angifice ngimuhle, mangibuya yena wangafika ngamulinda ngaze ngayolala."

Thami:"Wamushayela na umuhlola ngoba bekumele nibonane?"

Thando:"Azange ngoba bengisaba ngingazi noma abenenkosikazi yakhe na?"

Thami:"Wena waya esalon kuphela akukho enye indawo owangena kuyo?"

Thandl:"Ngaya esalon nokuyothenga esizokudla"

Thami:"Nasegaraji mhlawumbe ukuyothelela imoto?"

Thando:"Cha azange ngathelela ngoba ibigcwele imoto yami."

Thami:"Ubani owakuthengela lemoto ohamba ngayo?"

Thando:”Nguyena uNganono.”

Thami:”Sure sure sure azange ungene egaraji?”

Thando:”Azange”

Thami:”Noma ukundlula mhlawumbe ngakhona.”

Tbando:”Azange.”

Thami:”Ngiyabonga angisenayo imibuza, my lady ngicela ufakazi wokugcina ngci"

Alwe ummeli omunye kepha ahluleke iMantshi ivume

Thami:”USfiso Ntuli.”

Amenyezwe uSfiso angene sekahamba nomshayeli waThabiso kucace ukuthi abelande yena ugqoke umfanekiso womsebenzi, afungiswe naye uThando sekahlezi phansi novalo solwehlile ngoba uyabona ukuthi akasolwa ndawo.

Thami:”Sfiso tshela imantshi ukuthi wena usebenzaphi ungubani.”

Sfiso:”Igama lami uSfiso Ntuli ngisebenza egaraji le engasezitolo zamandiya ngithela uphethiloli khona.”

Thami:”Ingabe uyamazi ummangalelwa mangabe uyamazi usale sosichazela ukuthi umazi njani?”

Abheke uNganono uSfiso

Sfiso:”Yebo ngiyamazi ngangisebenza kwakhe engadini abuye angithume kuyolanda inkosikazi yakhe esontweni ngenkathi ingakakwasi ukushayela"

Thami:”Wayekiswa yini khona?”

Sfiso:”Saxabana.”

Thami:”Ngeke ngigxile lapho kuthi nanibangani kodwa manje ongakusho ukuthi anizwani, awumthandi?”

Sfiso:”Cha angimthandi umnumzane Mahlalela unonya.”

Kube nomsindo abantu bezwa into evumelana nokuthi ngempela umbulele umkakhe.

Thami:”Mawuthi unonya ingabe abekuhlukumeza na?”

Sfiso:”Cha ukuthi waba nezinsolo zokuthi sengithandana nomkakhe wase ungixosha kabhlungu.”

Amoyizele uThami

Thami:”My lady uSfiso doesn’t like my client, siyazi sonke uma umuntu ungamuthandi awumfiseli okuhle, ngicela ulalele la.”

Abheke kuSfiso

Thami:”Ngomhlaka 1 May ngonyaka ondlule ngicela ungitshele ngalolosuku"

Athule uSfiso ngathi udidekile

Thami:”Ngizokukhumbuza kancane bekuyiholide usebenza ucasukile ngoba bakunqabela kuthi uphumule. Ngeke ukhohlwe usuku olunjalo kwenzakalani"

Sfiso:”Iholide aliphithizeli emsebenzini ngoba sisebenza sibabili kupha izimoto ziyabalwa nje angazi  noma ngiphendule kahle.”

Thami:”Kuhle ngoba uthi izimoto ziba mbalwa kuzobalula kuwe kuthi ukhumbule izimoto ezangena ingabe wayibona imoto yommangalelwa?”

Athule kancane

Sfiso:”Ngayibona ngoba wayimisa eceleni wangibiza athi akazi kwenzakalani ngesondo lemoto kanti lidonsa iwayela, ngamusiza wakhipha lelothayela wase uyakwakhe.”

Thami:”Isikhathi usasikhumbula?”

Sfiso:”Ngisikhumbula kahle ngoba ngasengishayisile ngacasulwa nayilokho nje kuthi angibize sengihamba, bekuqeda kushaya ihora lesibili.”

UThami abheke kwimantshi

Thami:”My lady, your honour, nkosi yenkantolo ngomhlaka 1 May ummangalelwa wayenezinhlelo zokuyobona umakhwapheni  wkahe,  makafika kwakhe azange amuthole wakazama ukumshayela ucingo ukuthi azomvulela umnyango kanti ucingo lwakhe ulukhohliwe wajika.

Walibaziseka egaraji ngezinkathi zabo2 uthe makafika kwakhe wafica inkosikazi yakhe isithulile akamubulalanga.”

Bahhumuzele abantu imantshi ilishaye futhi itafula.

Mantshi:"ORDER IN COURT."

Bagcine sebathulile uThami uyamele ebhokisini lofakazi ngesandla esisodwa masebathula azilungise ijazi futhi. Ayothatha amaphepha athile awanike umsizi wemantshi iyowanika imantshi.

Thami:"Lawo amaphepha asemakhazeni laba abathatha umufi ayacacisa ukuthi udokotela wabo wamuhlola umufi kwabonakala ukuthi umphefumulo wakhe waphuma ngezinkathi zabo2, ngalehora uSfiso ashayisa ngalo ummangalelwa amuvimba ngalo futhi kuthi amukhiphise lento ebithandeleke esondweni lemoto. Inkosikazi yakhe mayifa yena abesegaraji"

Asukume ummeli

Mmeli:"Isikhali esatholakala kumkakhe sasineminwe yakhe."

Amubheke uThami

Thami:"Ummangalelwa isigebengu esidala kudala angena aphuma emajele wena ucabanga ukuthi angabulala umuntu bese ubiza amaphoyisa isikhali ambulale ngaso silokhu sikumufi, ungazodlala abezosisusa asifihle ngoba bathi bamufica akhala agone umkakhe kepha aqophelela ukuthi akasithinti lesikhali."

Mmeli:"Kungenzeka wathuka wangacabanga."

UThami asondele kummeli babhekane akhiphe ummese wepulastiki uThabiso bekazolinganisa ngawo awuphakamise awubhekise kwimantshi nayo imangele kuthi kwenziwani manje.

Thami:"Nkosi yenkantolo ngiphethe ummese ngesandla sokudla ngizogwaza uAdv.Hlophe ngicela ubuke lezo zithombe. Mangimugwaza ngesandla sokudla kumele lommese ubheke kanje niyawubona."

Ngempela alinganise bese ubheka imantshi futhi.

Thami:"Umuntu obulale umufi usebenzisa isandla sokudla ngoba ummese wakhe ume kanje."

Ibheke izithombe imantshi ibuye ibheke lommese osesifubeni sommeli nawo bawubambile avume ngekhanda.

Mantshi:"Ime ngokufana"

Thami:"Nanti iphuzu lami iklayente lami lisebenzisa  isinxele ukube nguyena obulele inkosikazi yakhe, isikhali besizobheka kolunye uhlangothi kanye nenxeba belizowophela ngapha."

Aphinde futhi abambe ummese ngesinxele enze ngathi uyamugwaza ummese sowubheke ngakolunye uhlangothi. Imantshi seyibiphise umlomo ilokhu ivuma kaningi ngekhanda.

Mantshi:"Qhubeka."

Thami:"My lady my client is innocent"

Mmeli:"Pho ubani umbulali?"

Thami:"Umbulali umuntu bekazothola okuthile ngokufa kwenkosikazi kamangalelwa kanye nangokuboshwa udilika jele kwamangalelwa, bheka kulawo maphepha my lady."

Mantshi:"Akudingi nokuthi ngibheke advocate kusobala."

Thami:"Ngine CCTV FOOTAGE yasegaraji yangalolosuku umbulali washiya imoto khona wayobulala wase ubuya sekagijima egibela."

Ayindlulise bayifake babukele ngempela kubonakale konke uThando ehlika abuye sekagijima aqale athenge amanzi maqeda wawaphuza wazithela ngawo ebusweni wangena emotweni yakhe wahamba.

Thami:"UThando Makhwapheni ukuphikile ukuthi uke waya egaraji nangu manje siyamubona."

Akhale Uthando sekayaqhaqhazela isandla sisemlonyeni iMantshi iphakamise amehlo ibheke uThando.

Thami:"Umbulali uThando Makhwapheni bekazi ukuthi uzothola izimali zommangalelwa yena makaboshwa."

Mantshi:"Thando ngikuthwesa icala lokubulala inkosikazi kaMr.Mahlalela, isigwebo sakho ngizosethula ngomhlaka13 June, ningamugaxa ozankosi. Mnumzane Mahlalela ungakhululeka you are free to go."

Ucasuke ekugcineni umndeni kankosikazi waNganono, ahambe uThami bahagane noNganono imantshi ihambe nayo, baxhawulane uThando bamugaxe ozankosi sekakhala ubumaye maye behle naye ayovalelwa.

Aphume uThami naye izintatheli zilindile kepha angafuni kuphendula lutho umuntu obonakalisa injabulo uNganono uze ubeke isandla sakhe ehlombe likaThami. Bangene emontweni ayisuse umshayeli izintatheli zisale zigijima emva kwayo imoto yabo......

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T 🌼

ISIQEPHU 72🌼

UScelo ajikise imoto makaqeda ukukhuluma noThobile.

Ntwenhle:"Ithini manje indlovukazi?"

Scelo:"Ubaba lo ngangihlezi kwakhe unenkinga yenhliziyo nangu noZuzmuzi abengishayele ngiyacabanga abefuna kungibiza."

Ntwenhle:"Manje siya khona?"

Scelo:"Yebo siya khona noma ngahamba ngingasafuni ukuba kakhe ubaba lona."

Ntwenhle:"Kwenzakalani kanti?"

Scelo:"Inkosikazi yakhe indlela ebingibuka ngayo bengingayithandi ngangingasazi ngenzenjani phambi kwakhe kepha angakhulumi kuthi ungibukani."

Ntwenhle:"Manje indaba kamama?"

Scelo:"Mangiqeda kubheka ubaba sizoya ebukhosini noma indlovukazi izoza naye ngapha angazi impela."

Ntwenhle:"Thina sizolala kuphi?"

Scelo:"Sizobhukha usuku olulodwa ehhotela."

Ntwenhle:"Uzoqeda ngomuntu onenkinga yenhliziyo ngosuku olulodwa?"

Scelo:"Ithi ngishayele uZuzmuzi kuzobancono mangifika sengazi ukuthi ikuphi inkinga."

Amushayele lukhale alubambe ngale uZuzmuzi

Zuz:"Wasiza wabuya kimi ndoda."

Scelo:"Sengiwutholile umlayezo ukuthi udinga usizo kwenzakalani ngobaba?"

Zuz:"Unamanzi kwinhliziyo."

Scelo:"Hayibo manje awukwazi kukhipha amanzi ndoda ngoba ungasebenzisa izindlela ezimbili, akudingi nokuthi alale esibhedlela"

Zuz:"Lamanzi ahlangene namafutha, futhi wona maningi ukundlula amanzi."

Scelo:"Yerrrrr konje unetransplant yewele lakhe?"

Zuz:"Yebo."

Scelo:"Uzosizakala yena kodwa uqinsile kufuna ukucophelela, ngiyeza okwamanje mufake isunction ngomlomo."

Zuz:”Kulungile ngizokwenza manje shesha lobaba uyadingeka umndeni wakhe uhlezi la ngeke uhambe angisakhoni nokundlula ngakubo.”

Scelo:”Awufuni nokubona isthandwa sakho sikhalela umkhulu.”

Zuz:”Uyazi nawe"

Scelo:”Ngizofika manje.”

Bavalelisane  athathe enye indlela uScelo….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

NQOBILE 🌼

UNqobile usele ekhaya abamuvumelanga kuthi ahambe, ukhathazekile naye abazwisisi belokhu bethi uyingane. Abehlezi nomkhulu wakhe inyanga yonke kwenze ukuthi basondelane kakhulu. Azame ukushayela uThami umuntu onokumxolisa naye angalubambi ucingo lukhale luze luthule.

Umshayele kathathu agcine amuyeka. Ezwe akhumbula nasekhaya umawakhe nabobhuti bakhe, asasemcabangweni wakhe nje abone amalambu ezimoto sekuyibo. Akhuphuke izitebhisi athi uya egunjini lakhe kuvuleke umnyango makezwa iphimbo lababa wakhe ehle egijima naye amuvulele izandla kuthi amuhage. Afike azifake ezandleni zababa wakhe akhale.

Thabiso:”Ukahle umkhulu sesi ungasakhali uyabona sibuyile sonke.”

Bonke bobaba bakhe sebamubukile naye noma ayilunga lomndeni kuyamumangaza ukufana kwabo futhi nabobhuti bakhe bafana nabo kakhulu.

Nqobile:"Makakahle wena kungani uzile baba ngoba uza makunenkinga?"

Thabo:"Sesajwayela ukubambisana kukho konke sesi, uyakhumbula mawuqala ukuya kulesikole esisha, angithi sakuphelezela sonke. Bekungasiyo inkinga leyo kodwa sonke seza sakuphelezela angithi."

Nqobile:"Ngiyezwa baba."

Thabiso:"Ungahamba kuyophumula sesi."

Nosipho:"Muyeke makafuna ukuhlala ngizomubheka, buya kuAnti sobona siphekani ekhishini."

Nqobile:"Mina angikwazi ukupheka anti."

Thabiso:"Kumele ufunde sesi sokhulile manje."

Nqobile:"Uphi ugogo?"

Thabiso:"Usele nomkhulu sizomulanda masekafuna ukubuya."

Thabo:"Awufake izindaba sesi kuqala."

Avulele umabonakude afake la kudlala khona izindaba makaqeda afulathele ngoba yena akanandaba nazo.

"KWEZILANDELAYO ZANAMUHLA KUNOMFANYANA ONGAZIWA OWENZE EZIBUKWAYO EMANTSHINI YASEMAHLUBINI KWICALA ESELIDONSE UNYAKA WONKE LOKUBULALA NAMUHLA EMINI.

Mandla:"Hayibo akusiyo imantshi yasemahlubini lena?"

Babheke bonke kubonakale uThami ahamba nejazi elikhulu, ayongena enkantolo, babhekane bese babheka uThabiso, kungene ukukhangisa. UNqobile azange esahamba naye sekakhamisele umabonakude.

Thabiso:"Mawungishayela bekumele ngiye ecaleni namuhla bekuphuma isigwebo ngivele ngasangana nje ngathumela lomfana kuthi angiyele."

Thabo:"Uyahlanya na? Ilomfana wakhipha uNqobile ushevu wenyoka?"

Thabiso:"Nguyena uhlala kwami ngoba usesikoleni."

Mandla:"Bafo akakabi naziqu, ukube ulindile nje kwaphela icala wase uyeza."

Thabiso:"Bengeke ngibe kahle, kanti uhlakaniphe ngenye indlela lomfana ngivele ngamthemba."

Amoyizele uNqobile amubheke uThabo makabona ukuthi ubhekiwe ashalazele

Thabo:"Akakubizanga uAnti wakho ngale ekhishini kanti?"

Asukume agwajaze ayongena ekhishini kodwa eme ngasemnyango kuthi ezwe mazibuya izindaba.

Nosi:"Umeleni lapho?"

Nqobile:"Kunento engifuna kuyibona ezindabeni manje bobaba bayangixosha."

Nosi:"Nawu umabonakude nje lana, buya uvule lomnyango ophezulu kodwa wehlise umsindo, izindaba azinankinga nje."

Angamlindi aqedele agijimele  la asho khona, naye abukele uNosipho,  mawuvuleka nje umabonakude zibe zingena izindaba, baqale ngezinye baze bafike kulezi azifunayo.

“UMFANA WENZE EZIBUKWAYO NAMUHLA ENKANTOLO YASEMAHLUBINI KWICALA LOMNUMZANE N.MAHLALELA OBESOLEKA EKUBULALENI INKOSIKAZI YAKHE. LECALA LIPHETHWE UMYENI WENDLOVUKAZI OWAZIWA NJENGOQWEQWE LOMMELI. BEKUSOBALA UKUTHI UMNUMZANE MAHLALELA NAMUHLA UZOLALA ESITOKISINI KEPHA WAFIKA UMFANA WAYIJIKA YONKE LENTO. WAVEZELA IMANTSHI UBUFAKAZI OBUSHA. INTATHELI EYODWA IBIVUNYELWE UKUNGENA NGAPHAKATHI ASIBUKE.”

Baveze uThami kancane abuza uThando abuye abuze nomsebenzi wasegaraji, baveze nala abhekene khona nommeli emehlweni, kunye nala enza khona ukulinganisa ngommese. Babuye baveze imantshi seyikhulula uNganono kuzwakale umsindo wababa Nqobile ngale ngenxa yenjabulo.

UNosipho sekabheke uNqobile ebusweni ngoba sekamoyizela yedwa ukhohliwe nje ukuthi unoAnti wakhe la. Ngale bashaye izandla ungafunga ukuthi kubukwe ibhola akhiphe ucingo lwakhe amushayele uThabiso, sekalalele lengxoxo yababakhe ocingweni.

Thabiso:”Haaaaa Mkhaliphi uyabuya ubaba lento oyenzile mfanami cha ungimangazile"

Angayizwa impendulo kaThami kepha ukumoyizela kusagcwele futhi akabufihli ngalutho.

Thabiso:”Sizokulungisa lokho mangifika ndodana.”

Aze azibambe esifubeni uNqobile amubuke uNosipho ngale kukhale ucingo futhi lukaMandla

Mandla:”Ngiyavula manje.”

Kuvuleke isango kungene uScelo noNtwenhle nendodakazi yabo, bamamukele nabo.

Scelo:”Besihlose kuyobhukha manje kugcwele"

Thabo:”Khululeka phela manje ngeke uyithole indawo kalula kanjalo kusondele ukhisimusi.”

Scelo:”Angihlelanga ngicela ukushiya inkosikazi yami ngiyobheka ubaba.”

Mandla:”Ngizohamba nawe, Nosipho woza uzobheka inkosikazi la.”

Thabiso:”Sizohamba sonke.”

Avele uNqobile afuna kuyobuza ubaba wakhe kuthi uzobuya na, abheke uScelo naye aye kuye masekaduze naye abone ukuthi akamazi ahlehlele emuva.

Nqobile:”Ngiyaxolisa bengibona ngsthi umalum Mbongeni”

Abheke ubaba wakhe

Thabiso:”Akunankinga sesi ubaba uzokubona makabuya"

Baphume belandelana bangasadlanga uNosipho asondele.

Nosi:”Unjani sesi?”

Ntwenhle:”Ngiyaphila sisi"

Nosi:”Uphi uNtando?”

Nqobile:”Usegunjini lakhe wenza umdwebo"

Nqobile:"Mubize azohlala no."

Ntwenhle:"Ntwenhle "

Nosi:"Mubize sesi, mina nginguNosipho ngisaphekile ngale."

Ntwenhle:"Ngingakusiza sisi uma nje ngingalalisa umntanami."

Nosi:"Kulungile iza uzomulalisa ngapha, amawele ami angakhona"

Nqobile:"Ungamulalisa egunjini lami ngizomubheka, muhle yena"

Nosi:"Waze wanenhlanhla lomntwana agaxwe uNqobile."

Bahleke ahambe ayomubeka egunjini babuye bayoqhubeka nokupheka....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

USphe alethele umamezala wakhe ukudla akubeke celeni kwakhe

Sphe:"Naku ukudla ma."

Athule angamuphenduli

Sphe:"Mama ukahle?"

MaBaloyi:"Ngikahle cheese cake ngiphazamiseke ingqondo nje"

Sphe:"Ngibize uThemba?"

MaBaloyi:"Bayeke bazane kancono newele lakhe ngizobakahle"

Sphe:"Nakhu ukudla ma uthe ulambile."

MaBaloyi:"Ngiyabonga mntanami."

Sphe:"Ngikwenzele itiye noma uzophuza ujuzi?"

MaBaloyi:"Ngiphe amanzi sesi, uphi uLungile?:

Sphe:"Uhambisele ubabNtombela ukudla egunjini lakhe."

MaBaloyi:"BoThemba bona?"

Sohe:"Bangaphandle."

MaBaloyi:"Kulamakhaza?"

Sphe:"Njengoba ushilo nje ma bafuna ukwazana kancono, nabo bayafana mama kumele bahlale begqoke izimpahla ezihlukile ngoba bazongifaka enkingeni

Ahleke umaBaloyi

MaBaloyi:"Enkingeni yani mfazi weshangane, ngeke kwenzeke lokho uzoyithola indlela ozobahlukanisa ngayo."

Sphe:"Wena ukahle ngokuvela kweqiniso ma?"

MaBaloyi:"Angizazi makoti angazi nokuthi ngicabangeni ngakho, angazi noma ngithukuthele nom ngenzeni."

Sphe:"Uyindodana yakho ma kuyazisho konke."

MaBaloyi:"Yena uyiyona indodana yami, ngimujabulele yen."

Sphe:"Ngiyakubona ma, ubabNtkmbela uzohamba nini?"

MaBaloyi:"Kusasa mhlawumbe sekawundlulisile umlayezo omulethe la"

Sphe:"Kwancono phela besibuzana noLungile ukuthi uhamba nini ngoba asikhululekanga ngokuba khona kwakhe."

Amubueke umaBaloyi

MaBaloyi:"Niyamusaba yini?"

Sphe:"Asimusabi ukuthi akajwayelekanga nje uyesabeka."

MaBaloyi:"Uzohamba kusasa angifuni kuhlala nomuntu osatshww izingane zami."

Sphe:"Cha ma hhayi kanjalo yena uzilungele uyabonakala ukuthi asijwayelanga umuntu wesilisa ngaphandle kwaThemba."

MaBaloyi:"Kuyezwakala sesi, uzozihambela yena masekaphumule kahle"

Sphe:"Dlani uqede ma ungimemeze mawuqeda ngizolanda isitsha."

Aphume uSphe asale acabanga umaBaloyi lento ayitshelwe  uNtombela akazi nomaathukuthelle noma azizwe kanjani nje umangele…..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABUTHELEZI 🌼

UmaButhelezi uhlezi nodade wabo bobabili namuhla usuku abalubeka kuthi bazotshela usesi wabo omncane ngalemfihlo abanayo. UmaButhelezi lokhu ukwenzela ngoba imfihlo ivala izinto eziningi futhi kuyaye kuhlupheke uzalo lwalo onemfihlo. Bahlezi bobathathu umyeni kasesi wakhe uhlezi kwelinye igumbi noButhelezi bayazixoxela, uSambulo noGabsile nabo bakhona benomaNdlovu.

Zodwa:"Niyangithusake bosisi manje maseningibuka ngalohlobo."

MaThwala:"Amaphupho sewanjani?"

Zodwa:"Bengingazi ukuthi ngiyoke ngifike la ebesengikhona cha ngizimangalele nami ngenxa yomona nje kuyimanje indodana yami ayifuni nokungisondela. Amaphupho angisabi nawo sisi."

Babhekane

MaButhelezi:"Kunento esifuna ukukutshela yona."

MaThwala:"Ngicela ungafihli imizwa yakho mayelana nalokhu esizokutshela kona."

Zodwa:"Yini leyo?"

Babhekane uZodwa ababheke bobabili.

MaButhelezi:"Ngane kama ngiyaxolisa."

Zodwa:"Khulumani nifuna kungibulala ngenhliziyo kodwa?"

MaButhelezi:"UBonga akusiyona indodana yakho."

Zodwa:"Ngitsheleni lokhu enifuna ukungitshela kona ningalokhu nikhuluma amahlaya angahlekisi."

MaThwala:"Uqinsile uNelsiwe."

Zodwa:"Ake nikhulume please."

Ahleke futhi kepha makababona indlela  abayiyo abone ukuthi abaqambi manga abuke lo aphinde abuke omunye.

Zodwa:"Kahleni bo indodana yami le ifana noyise wayo ngayizala nithini manje."

MaThwala:"Wena wakhulelwa kunye noNeli nabuye nabeletha ngosuku olulodwa, izinhliziyo zethu zazibuhlungu ngalesenzo enanisenza ninoButhelezi. UNeli wayehlala ezokhala kimi nangalolo suku weza emanzini wazokhala.

Masekayothola ingane saphambanisa izingane naye wabeletha umfana njengawe. Ngathatha eyaNeli ngayibeka duze nawe ngathatha ingane le eyakho ngayoyibeka komunye umuzi bengazi ukuthi ingane bayayidinga kepha bona bebangazali.

Indodana yakho yakhuleka lapho."

Zodwa:"Yonke leminyaka ngibuka uBonga ngathi indodana yami kanti akusiyo ungowakho."

MaButhelezi:”Yebo sisi uBonga indodana yami.”

Athule uZodwa emva kwesikhashana

Zodwa:”Pho iphi indodana yami?”

Babhekane bese babheka ngakuZodwa.

Zodwa:”Iphi indodana yami?”

MaButhelezi:”Indodana yakho ibisebenzela inkosi mbumbulu ngokuba yimamba, manje baya ebukhosini neqembu lakhe kuyohlasela khona bayihlula.”

Azibambe ekhanda uZodwa

Zodwa:”Ayisekho nhlobo noma ngisazoyibona?”

MaThwala:”Igama lakhe bekuwu Budayza yadubuleka lapho empini yashona"

Zodwa:”Seningaze ningenze isihlungu esinje, yebo ngiyazi ngakwenza kabi sisi ngomyeni wakho kodwa eningenze kona kubhlumgu.”

MaButhelezi:”Siyazi kubhlungu yingakho sibone ukuthi sikutshele uhlale wazi"

Zodwa:”Naze nangishaya ngezinduku ezibuhlungu kanje ngiyopha indodana yami indlule kulomhlaba ingakazi ngami. Nayo ibiyenza izinto zobumnyama njengami. Asukume sekakhala uZodwa nabosisi bakhe bamudabukele. Uyakhala manje uhamba uyongena kwelinye lamagumbi.

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 72b🌼

UThobile babuyela ebukhosini beno mamMakhulukhulu mabafika ahlangatshezwe amadodana akhe bamusize nomama Scelo bamungenise endlini.

MaMamkhulukhulu:”Ndlovukazi yami ngikhathele ngicela ukulala sesi.”

Thobile:”Kulungile mama kodwa ngizokulethela ukudla kuqala.”

MaScelo:”Hawu kahle bo usufuna ngizibone ngiyisidudla ubungifida yonke lendlela le ngiyabonga ngane yami.”

Thobile:”Ngizothi bakufakele amanzi ebhavini uzodlela khona emanzini okungenani uzokwazi ukuphuza amaphilisi.”

MaScelo:”Hayibo.”

Manqoba:”Gogo vuma ngeke akuyeke umama ngiyamazi mina ngize ngikukhiphe ngefastela angaboni, mawufuna ngikwenzele lokho ungibize.”

Bahleke bonke

MaScelo:”Cha uze mzukulu wami ngeke phela akusenandawo yokudla la esiswini sami.”

Manqoba:”Ngizomuphelezela mama.”

Amubambe batotobe baye egunjini lakhe

Manqoba:”Masobona gogo yini ofisa kuyenza uyibhekile?”

MaScelo:”Okokuqala nje ngifuna ukubona umndeni wendodana yami, bese ngiya ukuyodla esilungwini ngisho le kuboSpur.”

Manqoba:”Nami ngiyakuthanda ukudla gogo ngizokuphelezela mawuvuma kodwa kumele utshele ubaba azokhipha imali, noma indodana yakho.”

MaScelo:”Eyyy wena maqinasi ngizokukhumbula yazi.”

Bakhuluma bayosithela uThobile ubabhekile usele umoyizela yedwa.

Mnqobi:”Mama uThami usizele nezintatheli la ekhaya uyazi bezingakanani"

Amangale abheke indodana yakhe angasahambi.

Thobile:”Kwenzakaleni?”

Mnqobi:”Uwinele ubaba icala namanje usegunjini lakhe ukhathele ulele vithi, bona mama indaba yakhe igcwele kumasocial media"

Achofoze ucingo lwakhe amunike abukele naye aqede sekamoyizela emangele futhi.

Thobile:”Ubabakho uyibonile?”

Mnqobi:”Yebo uyibonile.”

Kuphendule noManqoba angakafiki nakubo

Manqoba:”Umufowunele la ajabule kangakanani enza umsindo ngize ngacabanga ukuthi umqome okwesibili.”

Mnqobi:”Uyabheda wena, ujabulile ubaba ma.”

Thobile:”UThami simulethelwe iNkosi la"

Mnqobi:”Mina bengicabanga ukuthi ukhulume nobaba ayeke lento yakhe yokumxwaya amubheke njengendodana yakhe endala asize uNqobile ngezinto zesikolo. Mama kungizwisa ubuhlungu ukuthi uNqobile asokole kanje ngokufunda. Indodakazi yadokotela nommeli"

Thobile:”Ubabakho niyamazi nje ngeke avume.”

Manqoba:”Mama wena uhlezi umukhona asazi umunikani namanje mawukhuluma naye umunike lokho okumthambisayo. UNqobile uyazenyeza manje futhi ngeke amenze lutho uThami sikhona sonke"

Mnqobi:”Indodakazi kaThabiso futhi ngeke abenaso leso sibindi.”

Manqoba:”Mina kodwa bengingajabula makangazithandela yena ngeke adlale ngaye uThami”

Thobile:”Uyabheda manje uzokushaya ubabakho ngalowo mqondo wena iphi eyakho intombi sophisana ngosesi wakho?"

Manqoba:”Hhayi phela mama izinto zimane ukwenzeka nawe uyazi.”

Mnqobi:”Ngathi kukhona okwazi wedwa thina singakwazi ndoda.”

Manqoba:”Yebo kukhona.”

Thobile:”Yini lokho?”

Manqoba:”Intombi yaMnqobi imulahlile kodwa akazi ngoba ihlangene nami yakulahla kimi"

Mnqobi:”Uthini?”

Manqoba:”Ngiqinsile ngisho uFisokuhle hhayi lo wakaM"

Mnqobi:”Hayisuka uyacasula wena.”

Thobile:”Mnqobi wena unezintombi ezahlukene kanti manje?”

Mnqobi:”Cha ma uyabheda lo.”

Thobile:”Yingakho ungafuni kusaziza ngoba ugcwele ukudlala le izofika kubaba wakho.”

Mnqobi:”Haaaa uyabonake wena Manqoba unamanga lo mama”

Manqoba:”Ngiyadlala ma kodwa ngiqinisile mangithi intombi yakhe imulahle kimi usushimile njengami.”

Anikine ikhanda uThobile abashiye lapho bephikisana.

Mnqbi:”Ndoda uqinsile mawuthi uhlangene noFisokuhle?”

Manqoba:”Ngiqinsile"

Mnqobi:”Manje uthe ukulahlelani?”

Manqoba:”Akalahlanga mina ulahle wena kimi.”

Mnqobi:”Lomuntu uyakwazi ukusihlukanisa unamanga wena"

Manqoba:”Yizwake uthe kimi ngikhathele ukulindana nawe unganginaki uhlezi umatasa awunaso isikhathi sami, ngase ngiyamuphendula ngathi kanti ucabanga ukuthi uzoshada inkosi yesizwe  unezihlathi ezinkulu kangaka. Hamba ngizophumula nguwena.”

Anikine ikhanda uMnqobi angasasho lutho umawabo makandlula ngasegunjini likaThami amuzwe ahleka okusho ukuthi akalelanga. Makathi uyakokoda akhulume kusho usocingweni amulinde aqede.

Thami:”Haaaa ntokazi kahleni bo uzongifaka enkingeni.”

……….

Thami:”Bangamukele kahle angifuni ukumosha akekho umuntu owakholelwa kimi njengomawakho ngiyakucela ungakhulumi.”

………….

Thami:”Ngiyakuthanda kodwa manje kuzodala inkinga asimise okwamanje hhayi ngoba ngifuna ukuthola omunye, simisa siyazi ukuthi sindawonye okungenani ngize ngiyohlala endaweni yesikole"

…………..

Thami:”Kulungile ntokazi ngakhohlwa ukuthi iyakuthanda ihitman yakho.”

Azithole sekamoyizela yedwa uThobile manje sekalalele kanti abethi uyamulinda.

Thami:”Angikhoni nokulinda ukukubona nje.”

Aphazanyiswe ukuhleka kukaManqoba

Manqoba:”Mama soyathakatha manje, wenzani lapho?”

Mnqobi:”Hayisuka ndoda wenza umsindo uThami ulele"

Asuke uThobile angasangeni aqhubeke aye egunjini lakhe amulandele uManqoba angene.

Thobile:”Wena uzokhula nini ulokhu ungilandela ngizogeza mina.”

Manqoba:”Mama uyazi angikhoni ukugcina imfihlo ngiyasaba lemfihlo ngizaze ngiyikhulume kubaba maseyingihlasela kakhulu.”

Thobile:”Imfihlo yani Manqoba ufuna kuzoqambela umfowenu amanga futhi?”

Manqoba:”Cha loyo vele bamulahlile angiqambi amanga kodwa bengidlala mangithi unezintombi eziningi.”

Thobile:”Bamulahlelenike?”

Manqoba:”Uhlala aserious akabambi izingcingo zakhe, akamukhiphi ayyy lomntwana ungilahlele izinto eziningi okunye ngikukhohliwe"

Thobile:”Manqoba phuma ngifuna kuyogeza.”

Manqoba:"Ungibize mawuqeda mama ngizokutshela izindaba zaNqobile."

Amoyizele uThobile makaphuma amucabange uManqoba kusukela bebancane nguye bekabaceba ahambe ayogeza, uManqoba aphume aye egunjini laThami.

Manqoba:"Ndoda usalele?"

Thami:"Kuphi la ngoba ngilokhu ngikhuluma ngocingo."

Manqoba:"Nosesi wami?"

Thami:"Yebo kanye nomndeni wami ngize ngihalela ukuhamba ngiye ekhaya umama ngendlela akhala ngakhona."

Manqoba:"Ngicela ungicele mawuya kini."

Thami:"Ndoda wena uyahlupha ngizofika ekhaya senginjani nguwe."

Manqoba:"Phela mawungangiceli ngizoyibhoboza indaba yokuthi ubani intombi yakho."

Ahleke uThami

Thami:"Umuntu wazilaya la, ngamane ngihambe noMnqobi akahluphi uyazithulela."

Manqoba:"Ndoda ngiyakucela yazi ngifuna ukuba sendaweni la abangangazi khona kengihambe ngezinyawo nami ngingaphathelwa phezulu. La mawuthi uyazihambela mawuthi uyathimula bayakhothama ngikhathele mina."

Ahleke uThami

Thami:"Ngiyazwisisa ndoda akunankinga."

Manqoba:"Ngisayopakake."

Thami:"Ndoda angikapaki mina."

Manqoba:"Ngiyeke ngiyopaka ngoba mawungangiyeki ngizohamba ngiyotshela umama lento bengifuna kumutshela yona yakho noNqobile."

Tbami:"Hamba uyopaka Manqoba."

Aphume noThami asale apaka abhalele uThabiso umlayezo.

*BabTshabalala selokhu ngivele kumabonakude umama wami akekho kahle uyakhala bengicela ukuya ekhaya ngoba nezikole zisavaliwe.*

Amushayele ucingo uThabiso

Thabiso:"Uzohamba isikhathi esingakanani?"

Thami:"Noma kungaba yisonto elilodwa"

Thabiso:"Ngiyazwisisa ndodana uzohamba ngani?"

Thami:"Zikhona izinqola"

Thabiso:”Bazokuhlupha ematekisini ngoba sebakubonile kumabonakude ngizothi uPaul akuhambise.”

Thami:”UManqoba uthi ucela ukuhamba nami.”

Thabiso:”Ayyyy lomfana ngeke umkhone uzoniqedela ukudla kini.”

Ahleke uThami

Thami:”Uthi ufuna indawo la angaziwa khona kancane ukhathele ukuphathelwa phezulu"

Thabiso:”Mangabe uzomugada umfanami angifuni lutho ngaye noma ahlanya.”

Thami:”Ngizohlezi nginaye”

Thabiso:”Kulungile ngiyakuthemba mangabe umawakhe uyavuma ningahamba, ngithumelele imininingwane yakho yasebhenki ngizokufakela imali nizokwazi kuthenga ukudla uManqoba uyadla angifuni ayohlupha abazali bakho.”

Thami:”Cha baba asikho isidingo uthi akafuni ukuba phezulu uzodla umbhubhudla masidla wona.”

Ahleke uThabiso aphazamiseke uThami makezwa iphimbo laNqobile.

Nqobile:”Im done daddy”

Thabiso:”Ohk im coming angel Thami akunankinga kodwa ngithumelele ngizokukhokhela lento oyenzile"

Thami:”Ngicela ungibekele yona ngizomane ngikushayele masisekhaya makungekho esingakunika uManqoba”

Thabiso:”Wena mfana kulungileke.”

Aluvale apake isikhwama naye aphume bayodla afike sebaphelele etafuleni uThobile amubongise ngokuwina icala badle masebalungisela ukuyolala.

Thami:”Ma kusasa ngiya ekhaya umama akekho kahle selokhu ngivele kumabonakude.”

Thobile:”Hawu akunankinga utshele ubabTshabalala.”

Ghami:”Besengikhulumile naye.”

Manqoba:”Ma ngicela ukuhamba naye.”

Thobile:”Hhayi Manqoba ufuna kuyobangela abantu abadala umsindo le awuhambi noma zicelele kubabakho.”

Manqoba:”Mama uyamazi uRobocop ngeke avume, Thami nali ihhashi emnyango seliqondise unyawo lifuna kungikhahlela esifubeni"

Amumangalele uThobile iwele lakhe lizithulele nje

Thami:”Ngimucelile naye ma wathi akananking wena mawuvuma.”

Mnqobi:”Yoooo ndoda umupheni ubaba lomuntu akukho akuvumayo, yooo nami ngiyopaka"

Thobile:”Hhey Mnqobi zicelele angithi uThami ucele uManqoba kuphela.”

Mnqobi:”Hhayi mama ngiyaxolisa uzomane uthi ngibalekile kimi ngeke avume uzongitshela ngemikhandlu nami ngifuna kushawa umoya izinsukwana nje"

Umuphendula uyahamba adonse umoya uThobile.

Thobile:”Nifuna kungigugisa nina, hambani kuncono intombazane yami iyabuya.”

Akitazeke uThami abheke phansi uManqoba amubheke.

Manqoba:”Angizihambele ngoba lehhashi lingibukile.”

Athuke uThami azihambele uManqoba.

Thobile:”Weee Thami ngiyazi ukhulile kodwa lento yakho nalentombi yakho ngathi iserious bayayazi ekhaya kini?”

Ashalazele uThami

Thobile:”Ukuthi angifuni ulahlekelwe ifocus ube ula.”

Thami:”Ngeke ingilahlekele ma ngiyathembisa"

Thobile:”Lentombi eyakuphi?”

Angaphenduli uThami amubone nokuthi udliwa amahloni uThobile amuyeke.

Thobile:”Akunankinga uma ungeke ugcwale ukudlala amantombazane ayalahlekisana ususeduze nempumelelo kanti futhi nguwe ozomisa umuzi wakini.”

Avume uThami ahambe ayolala sekaphethwe amahloni amaningi ashayele umawakhe amazise ukuthi uyeza kusasa….

Ngempela ngakusasa bavuka ekuseni bazilungisa .

Manqoba:”Zokubona masibuya ma.”

Thobile:”Uziphathe kahle mntanami ngiyakucela ungavuki udle ukudla emzini wabantu.”

Manqoba:”Mangilambile ngenzenjani ma?”

Thobile:”Eish ukucele nginike uMnqobi imali.”

Mnqobi:”Usale kahle ma"

Bangene emotweni

Thobile:”Ungabuyi Paul ubalinde ngizokubhukhela ngale nina maninenkinga nishayele uPaul.”

Manqoba:”Ngeke sibe nayo inkinga sihamba nesibari sethu esihlakaniphile nyathela imoto babPaul."

Thobile:”Uthini Manqoba?”

Ayisuse imoto uThami amubheke bahambe

Thami:”Mnqobi uzobakahle le ekhaya phela kungamakhaya"

Manqoba:”Izindaba ziyadlala angithi kumabonakude?”

Thami:”Yebo.”

Manqoba:”Uzobakahle ngoba kuphela kwento ayibukayo leyo.”

Mnqobi:”UManqoba kungani athi sihamba nesibari sethu?”

Babhekane athule uThami

Mnqobi:”Ndoda uthandana noNqobile?”

Kuthuke noPaul ababheke esibukweni semoto.

Thami:”Cha ubhuti wakho uphethwe ukuphapha usesi wakho ngimuthandela ekudeni ngeke ngimutshele futhi.”

Mnqobi:”Ndoda angifuni kube nento ezokuxabanisa nobaba, akafuni ngoNqobile ubaba akekho ongakwazi lokho.”

Ajule uThami naye akafuni kulahlekelwa ilobudlelwane asekanabo nobabTshabalala uyamuthemba kakhulu. UManqoba abone ukuthi umoshile ngomlomo wakhe.

Manqoba:"Makufika kubaba sizokusiza ndoda mina akukho mfana engimufuna duze nosesi wami kepha umuntu engimuthembayo njengawe."

Mnqobi:"Mina ningangifaki lapho kuncono ningitshele iqiniso eliphelele ngizokwazi ukuthi ngifihlani."

Manqoba:"Bayaziphusha labantu bafo"

Thami:"Manqoba yini inkinga yakho."

Amubheke uMnqobi  aze ashawe uvalo uThami.

Thami:"Ngiyaxolisa ndoda anginazo izinhloso  ezimbi ngaye ngimthanda ngempela."

Mnqobi:"Uzobulawa yimina kuqala Thami anginandaba ukuthi uyasisiza ngezinto zesikole kepha wamukhalisa ubaba uzofika sengikubulele"

Ahleke uManqoba

Manqoba:"Manje mawuqedela ubaba umpefumulo yena uzosala enzani, athatha isidumbu ayosilahla musa ukuba nomona nangokubulala ndoda."

Bahleke bobathathu kuze kumoyizele nomshayeli.......

🌼

🌼

🌼

IIMFIHLOYOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU: 73🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Mkhaliphi:”Hawu kodwa nkosikazi koze kube nini ukhala umfana wasithembisa makasuka la ukuthi uyokwakha impilo yakhe, imikhuleko yakho yonke le"

Smanga:”Mama uqinsile ubaba ungasakhali manje umazi kwakudala uThamsanqa ukuthi uhluzekile engqondweni namanje ngizibeka mina icala ngokungabi ubhuti onemfundiso ukube ukude kabi ngempilo.”

MaMkhaliphi:”Akakaqedi nenyanga ehambile uThami sekwenzeka lokhu"

Mkhaliphi:”Vuma phela nawe nkosikazi ukuthi ubuwazi lomfana umelwe izinto ezinhle zonke yingakho wawumufukamela kakhulu ukundlula abanye"

Amoyizele abheke umyeni wakhe kanye nendodana yakhe.

MaMkhaliphi:”Kahle ukuba nehaba baba ufuna uSmanga athi angimthandi.”

Smanga:”Ngiyindoda endala mina mama kodwa lokho nami ngangikubona azange ngakufaka ekhanda kakhulu nokuthi ngimdala ekudeni kuye yingakho bengingenandaba"

MaMkhaliphi:”Ngiyaxolisa ndodana mina nginithanda nonke.”

Smanga:"Kahle ma ungachazi mina azange ungincintshe uthando lwakho yimina engabheda nje."

Mkhaliphi:"Usuphapheme nawe ndodana bambelela ngijatshuliswa ukuvusa leshishini lezinkukhu futhi ziyakuthanda, awubuke usuqalele ukwakha umuzi, kodwa mina ngifisa ngathi ungazifunela eyakho indawo wakhe uthathe ihambile iminyaka manje."

Smanga:"Ngeke ngihambe ngishiye umuzi kababa udilika udonga, ngizophuma kulungiseke konke, kanti okokuthatha baba angikamuboni onginyakazisa inhliziyo."

MaMkhaliphi:"Umama wengane yakho?"

Smanga:"Ngamumosha mama kakhulu lokho ngikubona manje akangithembi akangifuni duze naye futhi."

Mkhaliphi:"Ngeke lube munandi uthando nomuntu ongakuthembi ngiyazi mina sake sandlula lapho nomawakho. Ukuphuma nje noma uzilulela izinyawo uzothukwa kuthiwa sobuya kofuna izinqe."

Ahleke uSmanga

MaMkhaliphi:"Hawu baba kahle bo."

Mkhaliphi:"Ngiyamubonisa ahlale azi naye noma sekathathile angazifaki lapho uzomthola ndodana ngichazwa ukuthi angisaboni amalokwe ahlukene la."

Kukhale ucingo lukaSmanga alubambe

Smanga:"Hellow"

“Ngicela ukukhuluma noSmanga Mkhaliphi.”

Smanga:”Nguyena okhulumayo.”

“Sawubona mnumzane ukhuluma noMuzikayise Hlongwane la eMasumpeni ngibone izinkukhu zakho komunye wabahlali. Zinhle zinkulu ngifuna sikhulume ishishini mina nawe.”

Smanga:”Angiqondi kahle Mr.Hlongwane.”

Muzi:”Ngiyinkosi yaseMasumpeni nginendawo engenzi lutho inkulu manje bengithi angikuthengisele yona uzosebenzela kuyo kube yifactory yezinkukhu. Ungagcine sonemishini yokwenza yonke inhlobo yenyama, njengokwenza amaburger ezinkukhu, amapholoni, njalo njalo.”

Eme ikhanda uSmanga angazi athini

Muzi:”Ngikunika ihora ucabange mawuvuma sizohlangana kuqala ngikubekele icebo lami, akukho engizokuthatha kwiphrofithi yakho ngaphandle kwerenti uma usaqala ungakayithengi lendawo.”

Smanga:”Nkosi yesizwe ngeke ungishaye ngesibusiso esingaka wena ungabhekanga lutho.”

Muzi:”Uhlakaniphile engizokudinga kuwe uzobe uvula amathuba emisebenzi kulusha lwasezweni lami, ngidinga lelukuluku lakho.”

Smanga:”Angazi ikuphi eMasumpeni kanti.”

Amungene emlonyeni

Muzi:”Iphutha lokuqala usomashishini akabeki inkinga etafuleni ungaphinde ukwenze lokho. Mawuvuma mina ngizoza ezweni lakho sikhulume bese siza ngapha ndawonye uzobona icebo lami. Ungazibuzi nokuthi kungani ngikhethe wena uyazi makuthiwa into inawe ikuwe, ngibone lokho. Unesandla esihle zinhle izinkukhu zakho.”

Smanga:”Nkosi yesizwe angisalidingi nalelohora ngiyavuma.”

Muzi:”Uyakhulumake kusasa ekuseni ngizobe ngilapho ngizokushayela.”

Smanga:”Ingabe inkosi iyazi ngihlalaphi?”

Muzi:”Ungazikhathazi mina ngizokushayela mangifika edolobheni langakini, usale kahle Mkhaliphi.”

Aluvale uSmanga sekeme ngezinyawo abheke abazali bakhe abamubhekile nabo, abatshele ngalocingo. Bajabule aze asukume ubabakhe amuxhawule.

Smanga:”Mama ngangihlala ngikuzwa uthi ubusisekile onezibusiso zabazali bakhe ongabakhalisi, nakhu manje. Ngisaxolisa ngokukukhalisa ngenkathi ngenza ukungezwa"

MaMkhaliphi:”Baba lezingane zakho zifuna ukungibulala ngempela ngisababaza uThamsanqa ngokuyokhipha umbulali ejele manje nangu omunye uyovula ishishini le ukhuluma nezinkosi awu baba.”

Mkhaliphi:”Hamba uyolala nkosikazi usukhale kakhulu"

Bahleke nendodana yakhe uSmanga ujabulile akazi nokuthi athini asukume umawabo aqonde egunjini lakhe ayophumula kancane.

Mkhaliphi:”Uyabona ndodana uzwe izindaba ezimnandi ukube kukhona umakoti ngabe soyozixoxa naye, thatha mfanami ungaze ufohlwe uThami. Loyo zonke lezinqenyana zizobe ziziphosa kuye ngenxa yokuthi bamubone kumabonakude kumele ukhulume naye angalinge aduke.”

Smanga:”Baba uThami uhlakaniphe ngenye indlela ngeke aduke ubuya khona ekudukeni khululeka kepha ngizokhuluma naye makafika.”

Mkhaliphi:”Ingabe usalele namanje usesi wakho?”

Smanga:”Uhlezi la ngaphandle esigcawini usabalisa ngokuthi uSphe wanqaba ukuzombona esibhedlela azokwazi ukuxolisa.”

Mkhaliphi:”UBabalo wayehlose kuzibulala yingakho angazange eze naye waxwayiswa ilenyanga enkulu yaseMgazini"

Smanga:”Ngamusola yazi baba namanje kumele simubheke lento yakhe yokuhlala la ngaphandle njalo angiyithandi kahle.”

Mkhaliphi:”Umawakho umugadile, ngisayomubheka wenzani umawakho mhlawumbe usakhala nje.”

Smanga:”Kudala simukhiphisa izinyembezi zey'nhlungu muyeke akhaliswe injabulo mina ngizabheka uBabalo ngaphandle.”

Aphume uSmanga ayobuka usesi wakhe amufice ahlezi phansi otshanini ukude nomcabango akaboni noSmanga la duze naye. Abathe uyamubiza angamuphenduli elokhu ebuke kude uze unciphisa namehlo.

Smanga:”Babalo.”

Kwehle inyembezi eyodwa azisule yodwa abheke umfowabo.

Smanga:"lokujwanele manje lokuzishisa ngelanga nsuku zonke buka unjani."

Babalo:"Smanga angikhoni kuhlala endlini"

Smanga:"Uhlulwa yini?"

Babalo:"Ngiyanuka Smangaliso ngiyobuka izimpethu manje mangiselangeni ziyafa, mangabe unesibindi ungangibuka"

Ayengezele izinyembezi uSmanga angakaboni nokubona aziqinise aze ahlafune umhlathi asondele kancane alizwe iphunga.

Smanga:"Ngikumukise esibhedlela?"

Babalo:"Bazongenzani khona?"

Abhekisise phakathi kwemilenze ngoba uhlezi uyivulile kepha uzivale ngethawula akubonakali lutho.

Smanga:"Kusho kona ukuthi unesifo esithile bazokwazi bona."

Babalo:"Ngibuya esibhedlela bangikhiphe bengibona ukuthi ziyaqala lezimpethu bathi akukho abangakwenza akunakhambi."

Smanga:"Umama uyazi?"

Babalo:"Kudala ngimuhlupha umama Smanga kungizwisa ubuhlungu nje ukuthi akangizali kepha usanginakekela."

Smanga:"Uyifihla kanjani lento?"

Babalo:"Ngigqoka amapampers mangiya endlini ntambama, aziphumi lezibungu kanti nephunga ligcineka phakathi lizwakala mangikhumula lepampers."

Smanga:"Mina kungani ungitshela?"

Babalo:"Ngifuna kukuthuma kuyise wezingane zami, ngifuna kukhuluma naye."

Smanga:"Ngeke ngikulande ngoba ufuna ukuzibulala"

Babalo:"Ngiphilelani kodwa Smanga noSphe owayengihlonipha yize wayazi ukuthi ngiyisifebe akakaze angibuke kanjalo. Bengilokhu ngiwusesi omdala kuye akasafuni mpwla kungibona"

Smanga:"Uyakuthanda uSphe uyazi ukuthi ukube weza wazokubona wena ubuzozibulala, kukhona umuntu oboniswayo owamutshela. Akezi kuwe ngoba afuna kukugcina uphila."

Akhale uBabalo abeke izandla zakhe ebusweni akhale nalaba abandlula ngendlela babheke acoshame uSmanga azame ukumuthulisa.

Babalo:"Ngicela mawunesikhathi bhuti ungimukise kancane nguyena owangenza nje kumele angigcine."

Smanga:"Uyazi angithi ukuthi ngizokhuluma nabazali bethu kuqala? Khona nje ucabanga ukuthi wena ngoba unjena yena unjani la akhona. Hlala la indlela izobonakala."

Azisule izinyembezi azame kuzimoyizelisa

Babalo:"Ugcine nini kukhuluma noThami? Ave ngimukhumbule"

Amuxoxele ngokuvela kwakhe kumabonakude, ahlale naye lapho belokhu bexoxa....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWATSHABALALA🌼

UNqobile uhlale nengane kaNtwenhle waze wazumeka nayo, mabaqeda akhuphuke azoyibheka afike balele. Aphinde aphume ngokucathama angafuni kubavusa.

Nosi:"Basadlala?"

Ntwenhle:"Balele vithi."

Nosi:"Yazi uNqobile ingane kabhuti wami akanandaba nezingane akazizondi kepha akanaso nje isineke nabo lowakho unenhlanhla aze amukhiphe ipampers kahleni bo"

Ntwenhle:"Ubukeka enothando nje, unabobhuti abaningi usho muphi?"

Nosi:"UThabiso lo wasemaHlubini."

Ntwenhle:"Ohhh umyeni wendlovukazi uThobile?"

Nosi:"Yena kanye."

Ntwenhle:”Yooo banengane ekhule kangaka?”

Nosi:”Bathathu bamawele unabobhuti ababili.”

Ntwenhle:”Indlovukazi ingumuntu onjani, ngigcina ngokumbona emaphepheni ukuthi muhle uyakwazi kuzigqokisa kahle.”

Amoyizele uNosi

Nosi:”Angazi ngimchaze ngithini ungumuntu ozilungele, unozwelo, unothando, yahlonipha, uyakhuleka wuuuu yakhuleka bandla, ungudokotela, akazwani nento ebheke eceleni. Uyawubona lomndeni ungakanani? Umile uhlangene ngenxa yakhe.”

Ntwenhle:”Yooo uzwakala angumuntu ophilayo.”

Nosi:”Isthandwa lesiya.”

Bayadla ngale kukhala izitsha nje bezwe sekukhala ucingo alubambe umnikazi uNosipho eze egijima bonke bahlelele ovalweni ngobaba wabo.

Thabo:”Zuzmuzi.”

………..

Thabo:”Kulungile siyeza.”

Aluvale ababheke bonke sebeme ngezinyawo bamubhekile, athathe ibhantshi lakhe aligqoke.

Mandla:”Manje kukahle kuthi sikukhamisele wena ube ugqoka bhuti kwenzenjani?”

Thabo:”Bathi baqedile size esibhedlela ngeke asichazele ocingweni.”

Baphithizele bonke bashiye ukudla kunjalo baphume, uNtwenhle abheke uNosipho amubone ukuthi uyathuka amuphulule emhlane.

Ntwenhle:”Uzoba kahle ubaba ungakhathazeki.”

Nosi:”Ubaba makungawa yena kuphelile ngalomndeni.”

Ntwenhle:”Ungacabangi kanjalo.”

Bezwe ngohleko luqhamuka egunjini likaNqobile babukane baye khona bamufice abheke ucingo lwakhe.

Nosi:”Uchazwa yini kangaka?”

Athuke avale ucingo lwakhe ngokushesha

Nosi:”Kumayelana nalomfana bomubukele kumabonakude?”

Abheke phansi uNqobile

Nosi:”Nana uyamazi lomfana kahle?”

Anikine ikhanda

Nosi:”Uyazi umawakho ngaye?”

Nqobile:”Cha.”

Nosi:”Ngendlela owenza ngayo uzozibambezela empilweni umuntu noma umthanda akumele umise yonke into ucabangane naye njalo nje, unomnyaka omungakhi?”

Nqobile:”Anti.”

Nosi:”Cha Nqobile uzomubulala ubaba wakho uyazi nawe, ngoba ngathi naye uyamazi bebebukele yena?”

Avume uNqobile amuxoxele ukuthi uhlala kubo bahlangana kanjani athuke uNosipho.

Nosi:”Uzofaka lomfana enkingeni wena, uyazi uzomubulala ubabakho?”

Nqobile:”I love him aunty"

Amoyizele uNtwenhle kepha angasho lutho

Nosi:”Lesivinini ogijima ngaso sinciphise mangabe ufuna aphile lomfana.”

Nqobile:”I don’t understand you aunty.”

Nosi:”Yehlisa lamalangabi angaka mangabe ufuna aphile zibambe, ubhekane nesikole ubaba wakho uzomjabulisa ngalokho. Uyazi uzocabanga ukuthi ilomfana okwenze ungakhoni kuphumelela esikoleni.”

Nqobile:”Aunty kudala ngingaphumeleli angakafiki"

Nosi:"Ngiyazi kodwa uThabiso ngeke akucabange lokho."

Nqobile:"Ngenzenjani manje mina."

Nosi:"Ungaziphosi kuye okokuqala nje, ukhulume nomawakho yena uzokwazi enzenjani. Naye usasesikoleni ubabakho uyamusiza yekanani basizane nizobona emva kwesikhathi."

Adonse umoya uNqobile

Nqobile:"Anti ngimukhumbule manje ngizokhona kanjani?"

Nosi:"Mawumuthanda uzokhona, lungisa umamakho uthe ujike nobabakho."

Nqobile:"Umkhulu unjani?"

Akhiphe ucingo lwlahe ashayele uThabo amutshele ukuthi khani bafika esibhedlela uzomufonela masebakhulume noZuzmuzi...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

Ekuseni aphashanyiswe ukukhanya okuqhamuka kwelinye lamagumbi umaBaloyi, njengomuntu ojwayele kuhlala yedwa athuke ahlale ngezinqe.

Makabona uMusa elele phansi akhumbule ukuthi akasiyedwa indlu igcwele. Abheke isikhathi kuyoshaya ihora lesihlanu ayozikhulula azisule nobuso aye ekhishini. Legumbi elikhanyayo ileli elilele uNtombela anikine ikhanda akhulume yedwa.

MaBaloyi:"Uzongisanganela emzini wami lo uvuka ukhanyisa ugesi silele thina."

Makafika ekhishini abilise amanzi akhiphe izinto zokwenza idokwe lakhe alithandayo, asalinde amanzi kuzwakale ukukhala komnyango wegumbi avele acabange ukuthi uNtombela lo.

Ngempela aqhamuke sekagqokile uqedile uphethe isikhwama sakhe  nendukwana yakhe babukane bese ususa amehlo kuqala umaBaloyi.

Ntombela:"Sawubona ma."

MaBaloyi:"Izolo bengiyisalukazi namuhla sengingumawakho."

Amoyizele uNtombela amubheke uyaqala kumubona amoyizela akalazi nje izinyo lakhe ngoba uhlala ahlinile sekajwayelwa ubunyanga kakhulu.

Ntombela:"Sengiyindlela salukazi sami."

MaBaloyi:"Azange ungibikele mawuza la manje ungitshelelani?"

Adonse umoya uNtombela amubuke futhi

MaBaloyi:"Ulahlekelwe yini kanti ebusweni bami ngoba ungibuka kanje namehlo esikhova."

Aphinde amoyizele

Ntombela:"Ngikhangwa ubuhle lobu obufihle ngezinsizi, amehlo akho acwebile njengegagasi elinokuthula. Lolaka lufihla lobuhle kepha ngoba nginamehlo esikhova ngiyakhona kubona yonke lento. Mama ngicela ungiphe ithuba nje elilodwa vo ngikubuyisele intokozo empilweni

yakho. Ngiyaxolisa kukhuluma yonke lendaba emagcekeni waBaloyi angimeyisi kepha naye uyazi la akhona ubungeke uze kube ngikubizile.”

Asukume aye egedleleni umaBaloyi angaphenduli afake amanzi abilayo embizeni, athele nosawoti.

Ntombela:”Nciphisa salukazi sami kusawoti idlozi lami langixabanisa nawo angiwudli"

MaBaloyi:”Usuyangibhedelake manje ubani othi ngiphakela idlozi lakho"

Amoyizele uNtombela

Ntombela:”Mawuthi sengiyakubhedela kusho ukuthi eqaleni bengikhuluma kahle?”

MaBaloyi:”Awuhambe Ntombela amathambo akho akulindile"

Ntombela:”Wangibiza umuntu kwathi cosololo kimi, senizosala kahle ubheke lewele elifikayo lilimele ngaphakathi ngeke lisho futhi kepha wena njengonina uzokwazi ukuthi umsize kanjani.”

Makabamba umnyango sekaphuma

MaBaloyi:”Hlala phansi ngikuphakele uhambe sodlile angifuni kuthiwe nginonya masofa la endleleni.”

Achazeke  uNtombela ahlale phansi

Ntombela:”Ekhuuu ngiyabonga.”

MaBaloyi:”Ungajwayelike.”

Aqhubeke ngokugoqozisa kulokhu kuthulekile kuze kuvuthwe, amuphakele ledokwe amubekele phambi kwakhe lisashunqa intuthu.

Ntombela:”Ikhanda linjani?”

MaBaloyi:”Wazi ngani kuthi nginokushawa likhanda?"

Ntombela:”Amehlo wakho ayazisho.”

MaBaloyi:”Lithulile.”

Ntombela:”Ngeke liphinde libuye umuntu bekakuphathisa ikhanda ilewele belingekho manje liduzane nawe ngeke liphinde likushaye.”

MaBaloyi:”Manje ngoba uthi indodana yami ayikho kahle ikuphi inkinga?”

Ntombela:”Undlule ezintweni eziningi kanti okumlimaze kakhulu ukuchitheka komshado wakhe nokuthola ukuthi ngeke abe nazo izingane, kodwa lokho kuzoxazululeka. Izingane zewele lakhe kuzofana nezakhe isibeletho sakho sibusisekile salukazi sami.”

Achazeke umaBaloyi kepha azame kuzifihla ngokuqinisa ubuso.

MaBaloyi:”Wena unazo izingane?”

Ntombela:”Nginengane eyodwa kepha asinabo ubudlelwane.”

MaBaloyi:”Ngobani?”

Ntombela:”Mangisabela kulobizo umawakhe wayesemukhulelwe, nganyamalalake ngoba idlozi langithatha ebusuku. Ngahamba iminyaka emibili mangibuya ngafica unina sekashadile nendodakazi yami ngazama kuzisondeza kepha kwafana. Wathi masekanezingane zasemshadweni unina wamutshela ukuthi yena uyingane yami. Wamutshela namanga ukuthi ngamushiya ngangamufuna manje usabambe lelo namanje.”

MaBaloyi:”Wena awukho umzamo oke wawenza kuthi abone uyamuthanda njengendodakzi yakhe?”

Ntombela:”Muningi ngagcina ukuya kuye mzukwana engithumelela ngomyeni wakhe wangidubula onyaweni nami ngawufulathela umuzi wakhe. Manje unezingane ezimbili ezinhle umfana siyadibana naye siyaxoxa noma angazi ukuthi ngingumkhulu wakhe, lowe ntombazane uyabahlupha.”

MaBaloyi:”Ukuhlupha kwakhe akukho mayelana nalokhu abakwenza kuwe?”

Ntombela:”Uhlushwa isipho anaso mina mhla ngilifulathela leli nguyena okumele aqhubeke nalomsebenzi.”

MaBaloyi:”Kuzwakala kunzima."

Ntombela:”Abantu sebathatha insindiso bayifaka ekhanda bangayizwisisi nabo bese babuka thina zinyanga ngamehlo amabi.”

MaBaloyi:”Wena uyibuka kanjani insindiso?”

Ntombela:”Sonke siphila ngayo, siphila ngokholo uNkulunkulu usidale sonke akekho amuthanda ukundlula omunye. Izipho namathalente kubuya kuye konke. Insindiso ikahle kuthi abantu bangene emugqeni wempilo bangenzi umathanda. Insindiso ikahle ngokusifundisa ukukhuleka

kuMvelinqangi kepha akumele siyivumele isidukise sibuye senze okubi. Amakholwa amaningi lawa athi asindisiwe enza yonke lento uMdali angayifuni, ukujajana, ukuziphakamisa ukuzazisa. Lokho kwenza iningi liduke okholweni liphume emgqeni"

MaBaloyi:”Umuntu kanti kumele enze njani kubonakalise kuthi usindisiwe?”

Ntombela:”Yenza kahle ubulungiswa lokhu uJesu ayebenza, hlala nezoni uzibonise indlela eya ekukhanyeni ungazijaji. Hlala namalunga akho omndeni noma ephuza ungawacasukeli kanjalo baningi abazokulandela ngenxa yalokuthula okuphakathi kuwe.”

MaBaloyi:”Ubunyanga bona?”

Ntombela:”Mina nginesipho ngisebenzisa sona kubonisa abantu, angiwusebenzisi umuthi wokubulala ngisebenzisa lo engiwukhayo njengomhlonyane awuzimilelanga lowo muthi umiliswe nguyena uMvelinqangi. Mabafika kimi ngibalapha ngalowo muthi.”

MaBaloyi:”Manje tshela mina into abazalwane abahlala baphikisana ngayo, ingabe akukho kahle ukuhlaba isilwane ubize abangasekho noma uchithe igazi ubabonge ngabakwenzele kona.”

Ntombela:”Kulokho kusebenza inkolo mina ngeke ngithi kuwrong noma kuright cha akusiyo indawo yami, futhi ngeke ngikuphikise. Engikwaziyo ukuthi uza kimi ugula ngikulaphe.”

MaBaloyi:”Ubaleka ngeqiniso manje.”

Ntombela:”Cha cha angibaleki, wena hamba nami kulohambo lwempilo ngizokubonisa okuningi uzozithathela okukahle for wena okunye ukuyekele"

MaBaloyi:”Uyaziqhenya ngokuba yinyanga?”

Ntombela:”Kakhulu.”

MaBaloyi:”Indaba ziningi izinyanga ezadlala ngabantu ziyathakatha futhi.”

Ntombela:”Umthakathi uyamubona nje akudingi aze azichaze.”

MaBaloyi:”Umubona kanjani?”

Ntombela:”Into yokuqala engizokufundisa yona leyo masesihlala ndawonye"

MaBaloyi:”Waze wazitshela sikhova ubani othi ngizoshiya umuzi womyeni wami ngilandelane nawe.”

Kuphele ukumoyizela kuNtombela amubheke ngqo emehlweni futhi ashawe uvalo umaBaloyi.

Ntombela:”Kusho mina"

Adle idokwe lakhe angasaphakamisi amehlo umaBaloyi, adle aqede uNtombela.

Ntombela:”Salukazi ngicela uvume ngikulande ngenye imini ngizokuphendula lombuzo wakho wokuchitha igazi emagcekeni kuthi kusukaphi.”

MaBaloyi:”Into yanini leyo?”

Amoyizele uNtombela

Ntombela:”Ngizohlala ngilindile nakusasa lokhu ngingeza ngigijima nayi inombolo yami, usuzosala kahle"

Abeke ipheshana phezu kwetafula asukume sekazisule nomlomo andlule ngakumamBaloyi athathe isandla sakhe asihluthule umamBaloyi asathi uyasiqabula.

Ntombela:”Sekayahamba uNzuza ngizolinda ucingo lwakho.”

Aphume ezwe sekukhala isango ukuthi sekaphumile asale andwazile lapho umamBaloyi ahambe ayothatha ucingo lwakhe ashayele uAnti wezingane zakhe.

Anti:”Sisi.”

MaBaloyi:”Kubi skoni ngifuna ukukhuluma nawe.”

Anti:”Bengihlele ukuza kulempelasonto nakhu sekuvela isifo enkonzweni"

MaBaloyi:”Ngicela ushesha sisi kunengane kaBaloyi eqhamukile ngicela uze.”

Anti:”Ngiyeza skoni ngizokwazisa uyangithusa manje"

Bavalelisane asale ezicabanga futhi kuqhamuke uThemba amehlo akhe ahlale kulepheshana elisetafuleni alule isandla umawakhe alithathe ngokushesha.

MaBaloyi:”Usuhamba ucosha izinto ezingakufuni, wavuka ekuseni kangaka?”

Themba:”Angilalanga mama uSphe uyahonqa mva nje futhi uyakhahlela.”

Ahleke umamBaloyi

MaBaloyi:”Hhayi kuza uThemba qobo lwakhe bekezela nje wena.”

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWASAMBULO🌼

Ukusa kubonwe uSambulo namuhla usuku lwakhe nesithandwa sakhe olukhulu, uyolobola nakhu phela ukugula kukababa Gabsile. Manje konke kukahle impi indlulile uGabsile uhambile ukubo yena usele nomawakhe umaNdlovu. Makaqeda ukugqoka nje

Sambulo:”Sengiyindlela ma.”

MaNdlovu:”Ndodana ngiyazi ungijwayele ngingumawakho kepha manje kuhlukile ngingumama womakoti wakho, lesimo sethu sokuhlala asikho kahle.”

Sambulo:”Umama ngabe ufuna indawo yakhe na?”

MaNdlovu:”Usungenzele okuningi ndodana ngeke ngibheke nalokho futhi.”

Sambulo:”Ma ngikhuliswe nguwena angiliboni iphutha mina mawuhlala nathi ngoba sasho ukuthi okwesikhashana, kepha makunzima makundlula amalobolo ngizokufunela indawo ezokwanela"

MaNdlovu:”Cha mfanami ngicela umani ungicelele kumawakho  ngiyomusebenzela kwakhe"

Amangale uSambulo

MaNdlovu:”Ngiyacela ngamane ngihlale kwakhe ngiyazi uyazidinga izandla"

Sambulo:”Kulungile ma ngizokhuluma naye, namanje ngingamutshela ngoba beza la.”

MaNdlovu:”Hawu naye uyongena nabakhongi bakho?”

Sambulo:”Uzosala nami emotweni angicabangi ukuthi angangena ufuna kushawa umoya nje celeni kwekhehla lakhe.”

MaNdlovu:”Uqinsile akafuni lutho ngobabakho kwakudala nje angazi waxhoshwa yini ubabButhelezi.”

Sambulo:”Naba bangena.”

Avule umnyango abalinde esangweni abasabuzwa ukuthi baya kuphi bavele babavulele nje ngoba bayaziwa. Kwehlike umawakhe kuqala ugqoke kahle kuze kumangale naye uSambulo.

Sambulo:”Mama wena wenza lamashidi amhlophe abe mahle.”

Buthelezi:”Hhey musa ukuhhema la inkosiakzi yami inconywa yimina kuphela"

Ajabule kakhulu makabona umyeni wamamkhulu wakhe uThwala kanye nomfowabo uBonga ayomuxhawula bangene endlini.

MaButhelezi:”Hawu unjani maNdlovu?”

Buthelezi:”Hawu"

UButhelezi abe namahloni ngokufica umaNdlovu ngoba umazi angumyeni kaZodwa.

MaNdlovu:”Ngiyaphila sisi, ninjani babButhelezi?”

UBonga yena aswabe ekugcineni makacabanga ukuthi wake wafuna ukubamba umuntu omdala kangaka, agwajaze ahluleke nokubingelela. USambulo abaholele kusofa akhiphe imali ibalwe futhi.

Thwala:”Lomakoti wakho ngizwe ngathi uyinkosazana ngeke nje bafune endlulele kule?”

Buthelezi:”Uyinkosazana esizikhulisele yona, bona abenzanga lutho ngoba badibane naye manje.”

Sambulo:”Haaa baba ningakhulumi ngaye ngathi uyiphasela nje nivume konke abakushoyo ngizokhokha.”

Buthelezi:”Sizokwenza njengokusho kwakho ndoda.”

Basukume bonke baqonde emnyango noSambulo uyahamba…….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

ZODWA🌼

UZodwa masekabona ukuthi usele yedwa izisebenzi zasesi wakhe  zimatasa ngezigulane zabo, avuke ageze njengenjwayelo. Aphumele ngaphandle.

Zodwa:”Nomsa.”

Nomsa:”Yebo sisi.”

Zodwa:”Ngicela ipeni nephepha.”

Nomsa:”Ngizokubhekela khona manje sisi mangiqeda nje ukufakela ukudla kwizigulane zikamama"

Zodwa:”Ithi ngikusize ngoba ngidinga ukubhala okuthile okusheshayo.”

Nomsa:”Kulungile ngabe ungisizile futhi.”

Amulekelele ngokufakela ukudla kumagumbi onke bese babuyela endlini amucingele aze akuthole amunike.

Nomsa:”Hawu ufuna ukubhala ini?"

Zodwa:”Incwadi.”

Nomsa:”Hawu sekukhona omakhalekhukhwini kulesikhathi samanje incwadi ayisanakwa.”

Azihleke uZodwa

Zodwa:”Kahle bo nginike kuyaphuthuma.”

Amunike aluthathe aye egunjini lakhe ahlale phansi abhale lapho masekanelile, ayigoqe kahle lencwadi ayifake phansi komqamelo ngoba akafuni ozoyifunda ingakafiki kumnikazi.

Makaqeda aphumele phandle makabona kungekho muntu aqonde esangweni alivule aphume. Amulandele uNomsa

Nomsa:”Hayibo sisi uyaphi?”

Zodwa:”Ngifuna kushawa umoya kancane ngizohamba hamba sengihlale kakhulu ngivalelekile."

Nomsa:”Ngimele ngiyogqoka ijezi umama uthe singakuvumeli uphume wedwa.”

Zodwa:”Hayisuka wena bo yini engingakwenza  angisiyo ingane ngifuna ukuzicabanga nje"

Nomsa:”Kulungileke ngizokulinda khona la.”

Zodwa:”Hamba uyoqhubeka ngomsebenzi wakho ngoba mababuya la ntambama uzowukhomba umuzi onotshwala.”

Bahleke bobabili amubuke kancane uNomsa bese ubuyela endlini ayogqoka ijezi ngoba kuyabanda ngempela, uthi uzomulandela. UZodwa unele kubona ukuthi sekasukile esangweni uNomsa wajika wathatha omunye umgwaqo wagijima ngoba engafuni amlandele uyazi makangabuya uzohamba ngalomgwaqo abebheke kuwo. Agijime aze afike aphumule kancane emfuleni abuke amantombazane azikhela amanzi ezidlalela ethelana ngawo bahleka naye aze amoyizele.

Aqede amantombazane ukuwakha bese bayawathwala omunye aze acele yena ukuthi amuthwese.

“Ngiyabonga ma iNkosi ibenawe"

Zodwa:”Kuzohwalala maduzane shesha bayakushiya abangani bakho.”

Ahambe mabasithela akhumule izicathulo zakhe uZodwa angene emanzini ayabanda aze aqhaqhazele kepha angakugqizi qakala lokho kubanda. Angene ehamba aqondile ayele phakathi kuze kusithele ikhanda lakhe. Uyazazi akakwazi ukubhukuda amanzi aqale amuphakamise abuye amudonsele phansi.

Azizwe ukuthi uyahluleka ukuphefumula manje aqale akhahlele ngathi uzama ukubhukuda amanzi aphenduke phakathi amudonse ahambe nawo ayongenela la kudeep khona.

Awezwe engena ngezindlebe amanzi, ngamakhala makazama ukuphefumula kudonseka amanzi khona lapho phakathi kwamanzi abone ngathi ubona umawakhe kanye nobaba wakhe. Abajabulanga ikakhulukazi ubaba wakhe akamubhekanga nhlobo.

Zodwa:"Mama ngiyaxolisa."

Akazi noma kuyenzeka ngempela na, noma konke kudlala emqondweni wakhe.

Mama:"Kudala ngikukhuza Zodwa."

Zodwa:"Ngiyaxolisa"

Baba:"Shesha sekuba mnyama manje kumele siyowela lomfula omkhulu ngale."

Bahambe abazali bakhe sebeshesha naye makabona ukuthi ngempela kuba munyama nalokukhanya bekakubona abusekho ngoba sekaphakathi kakhulu emanzini. Aziphoqe kuthi ahambe alandele abazali bakhe ngempela bawele legagasi elibonakala lithukuthele.

Makaphosa amehlo akhe ngale kwalegagasi elilwayo kubukeka kunokuthula utshani buluhlaza cwe, izihlahla zezithelo zinkulu nazo izithelo zinabile ziyahalisa. Aphenduke ubaba wakhe amubheke.

Baba:"Uma ungawela manje ngeke ukuthole ukuphumula okufanele"

Zodwa:"Baba angikutholi kuyimanje."

Baba:"Umoya wakho uzozula uhluphe buyela emuva isikhathi singakakuvaleli la."

Angalaleli uZodwa afake unyawo egagasini, legagasi ngathi liphakathi kwamanzi ukuthi kanjani akazi uNombulelo

Mama:"Namanje usafuna ukukhuzwa phindela emuva Zodwa."

Limthathe igagasi angakaphenduli liphakame naye aze abone ngaphandle limudonsele phansi futhi ayoshayeka kude le........

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T🌼

ISIQEPHU 74🌼

KWABIYELA🌼

USambulo uhlezi emotweni nomawakhe bangaphandle kwegceke lasebukhosini eMgazini. Sekunesikhathi impela bangenile sekaqala ukukhathazeka manje.

Sambulo:"Seside lesikhathi mama bangenile"

MaButhelezi:"Into enhle iyalindwa ndodana basaxoxa"

Kungene umlayezo makabheka ucingo lwakhe lubuya kuGabsile amoyizele yedwa akhohlwe nokuthi uhlezi nomawakhe, naye enze ngathi akaboni lutho umaButhelezi nayi indodana yakhe ishiswa uthando.

Gabi:*Angazi nenza njani kini kepha ngicela ubatshele ukuthi ufuna kubuyela emuva nomakoti wakho.*

Amoyizele kakhulu

Sambulo:*Uzovuma ubaba wakho?*

Gabi:*Ngeke anqabe makukhuluma wena.*

Sambulo:”Ngitshele kuqala kungani ufuna ukuhamba manje.*

Gabi:”Kuyalumela kwipunani ngikufuna kimi.*

Sambulo:*Haaaa sthandwa sami uzongenza ngingene manje ngikuqedele lapho*

Gabi:*Ngena*

Sambulo:”Kulungile angisakhoni nokulinda usungiphambanise ikhanda manje.*

Gabi:*Tshela lamakhehla asheshe.*

Athuke sekukhona okokoda efasteleni lemoto abheke uThwala, alivule.

Thwala:”UBiyela uthi uzothatha okuncane ngoba umakoti ukhuliswe khona ekhaya, yena ujabulela ukuthi ukwenzile okufanele.”

Sambulo:”Baba ngicela ubuyele lapha ushiye wonke lamalobolo ubatshele ukuthi ngeke ngilobole inkosikazi yami ngosheleni ekubeni abalulekile kimi.”

MaButhelezi:”Ndodana uyahlanya na?”

Thwala:”Nami ngithi ngizobuza lokho, uBiyela ukhuluma iqiniso"

Sambulo:”Ngiyazi kepha ngifuna ukwenza lokhu noma ngihambe ngiyokhipha enye.”

Thwala:”Uyakwazi ukupheka nje lomakoti wethu ufuna kubapha engaka?”

Sambulo:”Baba hayibo uyakwazi kakhulu futhi.”

Thwala:”Uyasutha makakuphakela?”

Amoyizele uSambulo naye uThwala amoyizele.

Sambulo:”Angikhoni nokuchaza.”

MaButhelezi:”Nikhuluma ngakuphike ukupheka?”

Thwala:”Makunjalo ndodana nami ngingaze ngengeze enye"

Makathi uyafulathela uThwala

Sambulo:”Baba.”

Thwala:”Mmmm.”

Sambulo:”Ngifuna kuhamba naye.”

Thwala:”Kulungile ngizobazisa.”

Abuyele emuva emoyizela ashiye noSambulo ezijabulele, makafika phakathi uThwala basamulindile. Ahlale phansi amehlo elokhu emulandela.

Thwala:”Indodana ithi ngeke ilobole inkosikazi yayo ngosheleni, sizowashiya wonke lamalobolo la.”

Amoyizele uMlungisi awakholwe futhi lamazwi yamazi umngani wakhe umuthanda kanjani usesi wakhe, uBiyela abheke indodana yakhe inkosi bamoyizelelane.

Biyela:"Makuphuma kuye ngiyawamukela amalobolo."

Mlu:"Ingabe nifisa kuhamba naye umakoti wenu noma niyamushiya?"

Thwala:"Sicela ukuhamba naye."

Bavumelaneke baxhawulane kudliwe uGabsile usizwa uNokubonga.

Biyela:"Landa umkhwenyane wakho sesi, sekangangena."

Gabi:"Ngiyabonga baba."

Aphume  uSambulo makabona isthandwa sakhe sisondela naye aphume emotweni. Amugijimele amuhage azichofozele ucingo umaButhelezi kuthi angaboni lutho. Makaqeda kumuhaga athi uletha umlomo kuSambulo.

Sambulo:"Ngihlezi nomama la emotweni."

Gabi:"Wuuuu awushongo ngani kodwa myeni wami umama uzothi ngiwuhlobo luni lomuntu."

Sambulo:"Uyazi naye, lempahla oyigqokile iyakufanela"

Gabi:"Ngiyabonga."

Sambulo:"Konke kuhlezi endaweni yako awubheke nje noma izinqe zonke ziphumile."

Gabi:”Yikona okufunekayo angithi, ngithe lomama oyithungile enze isiqiniseko sokuthi iyangibamba la kakhulu futhi.”

Sambulo:”Izodabukakе ngoba manje ngilimele.”

Gabi:”Kahle ngolaka hawu, ubaba uthi ngikubize usungangena.”

Smabulo:”Angifuni mina ukungena ngizifunela wena, ithi ngitshele umama angene azosishayisa ngomoya.”

Abuyele emotweni

Sambulo:”Mama kuthiwa singangena.”

MaButhelezi:”Kulungile ndodana"

Aphume makasondela ngakuGabsile amubingelele.

Gabi:”Sawubona ma.”

MaButhelezi:”Unjani?”

Gabi:”Ngiyaphila.”

MaButhelezi:”Yinhle ingubo yakho bheka le ngibone.”

Aphenduke uGabsile

MaButhelezi:”Cha yinhle sesi uyakwazi ukukhetha.”

Gabi:”Ngiyabonga ma"

MaButhelezi:”Ngifake egcekeni lakini ngeke ngizingenele.”

Gabi:”Ngiyabuya.”

Balandelane bayongena

MaButheelzi:”Ujabulile?”

Gabi:”Kakhulu angikhoni nokuchaza.”

MaButhelezi:”Yazi mangicabanga ukuthi zolo lokhu ubungibuka njengo mamkhulu wakho manje sowumakoti wami.”

Gabi:”Nami angikholwa ma.”

MaButhelezi:”Niphathane kahle umshado awukho lula kodwa umnandi"

Gabi:”Ukhona duze nathi ma uzosibheka"

Bangene endlini bese uGabsile ubuyela kumyeni wakhe……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI 🌼

Manqoba:”Kuze sifike kunini umuntu ahlezi phansi mhlawumbe senginesishwapha njengobaba, phela lomuntu akanasinqe. Ungafunga ukuthi uhlalele ethembeni kakhulu waze wancipha isibunu."

Amungene emlonyeni

Mnqobi:"Ndoda awume maaaan sifika nje."

Manqoba:"Ngiyaxolisa bafo"

UThami sekahleke waze waphuma izinyembezi kanye nomshayeli.

Mnqobi:”Manqoba la akusiko kini ngicela uzibambe.”

Manqoba:”Kanti kungani mina kumele ngikhuzwe mihla nje.”

Mnqobi:”Ziphathe kahle, masila siduzane nakwamkhulu wenza lezinto zakho ngizofonela ubaba uzoza ngokushesha.”

Manqoba:”Ayyy vele uzoza loyo, Thami wena uyafuna kungikhuza?”

Azinikinele ikhanda uThami

Thami:”Asehleni sebamangele ukuthi yabani lemoto.”

Umshayeli wabo makathi uyabasiza ngezikhwama amukhuze uManqoba.

Manqoba:”Cha babPaul ngicela kuzibambela, yazi ngifuna ukukhululeka kancane, Thami amanzi niwakha kuphi?”

Thami:”Akhona egcekeni.”

Manqoba:”Eish bengithi ngizohamba ngiyowakha emfuleni.”

Paul:”Nizongazisa makukhona enikudingayo.”

Manqoba:”Mina ngeke ngikudinge angazi uRobocop2.”

Ahleke uThami baze bezwe ngaphakathi endlini iphimbo lakhe, aphume umawakhe makabona indodana yakhe ayoyihaga.

MaMkhaliphi:”Unjani ndodana?”

Thami:”Ngiyaphila ma wena?”

MaMkhaliphi:”Ngiphila kakhulu ngoba usukhona nje.”

Bayekane abheke laba ahamba nabo baphethe nezikhwama.

Mamkhaliphi:”Ninjani bafana bami?”

UManqoba makathi uyaphendula abheke umfowabo kuqala amuthole amubheke kabi angabe asaphendula athule.

Mnqobi:”Siyaphila ma singezwa wena.”

Thami:”Mama laba amadodana endlovukazi bathanda kungilandela nje.”

Bahleke

MaMkhaliphi:”Baze bafana nabo, bazoyikhona inhlalo yala emakhaya nje?”

Thami:”Bazoncenga.”

MaMkhaliphi:”Asingeneni endlini bantabami.”

Mnqobi:”Siyabonga ma.”

MaMkhaliphi:”Wena uzithulele ndodana”

Ubuza uManqobo

Manqoba:”Ngiyasaba ukukhuluma ma"

Amangale umaMkhaliphi

MaMkhaliphi:”Hawu ngobani ndodana, khululeka ngeke sikwenze lutho zizwe usekhaya.”

Amoyizele uManqoba acishele iwele lakhe iso bangene endlini uMkhaliphi uhlezi noSmanga kanye noBabalo eziko ngoba sekuyintambama. Babingelele nabo bamangazwe ilabafana abade abalapha.

Smanga:”Hawu  mfana sendlini ummeli sekafikile.”

Thami:”Uqalile uyabonake, ninjani baba?”

Mkhaliphi:”Siyaphila ndodana, sondelani nizozishisisa kuyabanda ngaphandle.”

Basondele uBabalo abheke phansi ngoba uyazi ukuthi uThami uyazi ngomkhuba wakhe manje uzizwa aba namahloni. UMnqobi angasondeli abe nokusaba, uManqoba asondele yena azothise izandla.

MaMkhaliphi:”UThamsanqa uhamba nezinkosana zasebukhosini la.”

Mkhaliphi:”Yimuphi omdala manifana kangaka?”

Manqoba:”Nangu baba lo onentshebe.”

Smanga:”Akunantshebe la udlala ngaye.”

Thami:”Bangamawele.”

Smanga:”Hawu niyafana kuyazisho"

Manqoba:”Sibathathu omunye usesi wethu.”

Mkhaliphi:”Naye wavela nani?”

Manqoba:”Eya baba singamatriplets.”

Mkhaliphi:”Kuyezwakala ndodana.”

MaMkhaliphi:”Bamukise egunjini likaSphe Thami bazolala lapho.”

Thami:”Mina?”

MaMkhaliphi:”Unegumbi lakho angithi uzolala khona.”

Manqoba:”Lingaphandle?”

Thami:”Eya.”

Manqoba:”Ndoda waqala nini kulala ngaphandle?”

Thami:”Bengina 15.”

Abhekane amawele

Smanga:”Ngathi niyathuka nje.”

Manqoba:”Ekhaya ngeke ubaba wanqaba ngiyabona ucabanga ukuthi sizo…”

Amungene emlonyeni ubhuti wakhe ngoba uyazi uzobheda.

Mnqobi:”Lingakuphi igumbi ma sizobeka isikhwama siyasinda.”

Mkhaliphi:”Bakhombe ndodana.”

USmanga asukume  naye uManqoba ahlale angayingeni indaba yesikhwama, abheke uBabalo.

Manqoba:”Mama usesi akezwa ezindlebeni?"

MaMkhaliphi:”Usesi wakuphi ndodana?”

Manqoba:”Ngisho lo.”

Akhombe uBabalo

MaMkhaliphi:”Uyezwa kodwa akathandi ukukhuluma.”

Manqoba:”Kunuka kamnandi.”

Babhekane abazali bakaThami kepha bangacasuki umamMkhaliphi amoyizele.

Mkhaliphi:”Ungabuzi ndodana uzozwa ngako.”

MaMkhaliphi:”Ngiyazibuza nje ukuthi uzokudla na?”

Manqoba:”Mina mama ungakhathazeki ngami ngiwuthela wayeka konke kuyadliwa, umfowethuke yena angadla angadli kodwa uyangichaza makangadli ngoba bese ngithatha ukudla kwakhe ngikudle nako.”

Bahleke kuze kumoyizele noBabalo

Mkhaliphi:”Uthe ubani omdala konje?”

Manqoba:”Singamaphahla baba kanye nomakoti wakakho.”

Mkhaliphi:”Akukho makoti la ekhaya.”

Manqoba:”Eish ngithanda kudlala nami lomlomo wami uvele ufohle nje ukhulume into engingayishongo."

Bahleke futhi abone ukuthi kuncono azihambele.

Manqoba:”Ngisayobabheka.”

Mkhaliphi:”Ngena kulomnyango.”

Abazali bakaThami abanakanga lutho nje okukhulunywe uManqoba, bahlale apheka umawabo, kungene uSmanga abheke uyise.

Smanga:”Baphi labafana?”

Mkhaliphi:”Basegunjini likaSphe.”

Smanga:”Ngibuya kumama Bandi baba ngihlalile ngacabanga ngiyazibona ukuthi akekho omunye oyophinde angijabulise njengaye.”

Mkhaliphi:”Ndodana uthe akasakuthembi.”

Smanga:”Yebo baba kodwa nginakile ukuthi angikaze ngixolise kuye, nakancane nje bengihlala ngimeyisa.”

Babalo:”Ikusasa awazi likuphatheleni bhuti hamba uyoxolisa.”

Bamumangalele uBabalo

Smanga:”Akaphenduli izingcingo zami futhi uyangixosha akafuni nokungibona nje"

Mkhaliphi:”Hhey ndodana.”

Smanga:”Baba ngifuna ukuqala naye lempilo nguyena muntu ongazi ngilala ngidle iphalishi namafutha abewadla nami, ngiyazi ngaphakathi kimi ngidinga ukuba naye.”

Mkhaliphi:”Ufuna umama Bandi kuphela umama Minenhle?”

Smanga:”Indodakazi yami ngeke ngiyilahle baba kepha umuntu engimuthandayo umama Bandi.”

MamMkhaliphi:”Nawe Smanga kodwa konje wathola uMinenhle uthandana nalengane yabantu, wakuxolela waqhubeka nokunye.”

Ashalazele uSmanga, uMkhaliphi anikine ikhanda.

Mkhaliphi:”Ubaba akwenzeleni ngikuphelezele uyoxolisa?”

Smanga:”Ngifuna uThami ayongikhiphela yena endlini uzacabanga kanjani yena  ngifuna nje kukhuluma naye ubuso nobuso ngiyathemba uzobona.”

Mkhaliphi:”Mubizeke.”

Ngempela amubize aqhamuke nezimpelesi zakhe.

Smanga:”Ndoda ngiphelezele ngifuna yongikhiphela umama Bandi endlini.”

Thami:”Bhuti cha mangabe ufuna ngiyomukhiphela ukuthi umenze lezinto wawumenza zona phambi kwami ngiyala.”

Mkhaliphi:”Muphelezele ndodana ngeke akwenze lokho"

Amubheke uThami

Thami:”Ngisayogqoka izicathulo.”

Smanga:”Kuyabanda la ngaphandle ugqoke ufuthumale.”

Manqoba:” Bhuti nami ngicela kuyokukhiphela umama Bandi.”

Ahleke uBabalo nomaMkhaliphi

Smanga:”Singahamba kodwa kuyabanda la ngaphandle.”

Ajike naye ayogqoka uMnqobi azihlalela celeni kwababa Thami, bagqoke babuye.

Thami:”Ndoda wena awufuni kubona indawo.”

Mnqobi:”Cha uyazi angizwani namakhaza.”

Manqoba:”Unamanga bafo uzwa lephunga elimnandi lokudla ubona kahle kuthi bazokuqedela.”

Bahleke futhi baphume belandelana

Mkhaliphi:”Umfowenu uhlezi enamancoko kanje?”

Mnqobi:”Anikamuboni sizohamba nizwile nguye, kepha unenhliziyo enhle ukuthi uyazihlanyela nje.”

Mkhaliphi:”Uyabonakala inhliziyo yakhe imsulwa.”

Basale bamubuza imibuzo eminingi, boSmanga nabo bahambe behlekiswa uManqoba la endleleni.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

UmaBaloyi uhlezi namadodana akhe, nendodakazi yakhe uSphe ulele.

MaBaloyi:"Uphi ucheese cake namuhla?"

Themba:"Ulele uthe umzimba wakhe ukhathele."

MaBaloyi:"Ungathuli nje Themba lengane iyaqala ukukhulelwa mhlawumbe sekuyisikhathi nje."

Themba:"Ukahle mama ukukhathala nje."

Musa:"Sekazobeletha yini?"

Themba:"Cha usasalelwe inyanga."

Musa:"Wenziwa ukuhamba indlela ende ngizomuhlola uma ungenankinga."

Themba:"Zomuhlola kanjani ndoda?"

Babhekane bonke bahleke

Musa:"Sizomuyisa kwadokotelake omunye."

Themba:"Uyakhulumake lapho."

Bahleke futhi baqhubeke ngokuzincokolela, uLungile alokhu athulile.

MaBaloyi:"MaBiyela ukahle?"

Lungile:"Ngikahle ma."

MaBaloyi:”Awukho kahle usukhumbule umyeni wakho?”

Lungile:”Ngizokutshela masesisodwa ma, kusasa ngiyahamba futhi.”

MaBaloyi:”Uzozihambela?”

Lungile:”Cha uzosilanda uMduduzi.”

MaBaloyi:”Kumele uqale ukubiza umkhwenyane ngobaba izingane zakho zizolandela mawulokhu umubiza ngegama nabo bazomubiza kanjalo.”

Bahleke uMusa noThemba uLungile angahleki asukume aqonde egunjini lakhe basale babukana.

Musa:”Angimazi kahle kepha kukhona okumhluphayo.”

Themba:”Nami ngiyamubona uLungile akusiye umuntu okhulumayo noma aphatheke kabi.”

Musa:”Manje uzoncedakala njani?”

MaBaloyi:”Nawe uzoncedakala njani ungakhulumi ngokukuphatha kabi.”

Musa:”Angiphathekanga kabi mina mama.”

MaBaloyi:”Ndodana angiyazi indlela okhule ngayo ikwenzeni kepha manje ngikhona”

Abheke phansi uMusa

Themba:”Ngiyabuzwa ubuhlungu bakho bafo noma ngingakwazi ukuchaza ukuthi kanjani kepha ngiyabuzwa.”

Musa:”Ngiyabonga bafo nawe mama, angazi ngiqale ngithini kodwa ngizobakahle"

MaBaloyi:”Ungavaleli izinhlungu.”

Musa:”Ngiyezwa ma.”

Themba:”Icebo lithini?”

Musa:”Ngifuna ukubuyela esibhedlela ngiyolungisa kahle, kunalodokotela engifuna kumucela asebenze nathi, makavuma ngizomushiya abheke izinto. Ngifuna ukubuya ngihlale nje la ekhaya ngingenzi lutho noma izinyanga ezimbili.”

MaBaloyi:”Ukhuluma ngathi usesikhundleni esibhedlela.”

Musa:”Esami ma.”

Babhekane bamangale umamBaloyi noThemba.

MaBaloyi:”Hawu kusho kona ukuthi uliewe heksie wakufundisa ngempela."

Musa:”Azange mama lomuntu bekazenzela imali mina konke enginako ngizakhele.”

MaBaloyi:”Mhlawumbe uzokhuluma nobhuti wakho into enomqondo ngoba nangu uxolela kushisana nenyama kamngani wakhe yena akafuni kusebenza.”

Themba:”Uqalile ma iningi imali lapha futhi angenzi lokho kuphela"

MaBaloyi:”Mina benginesifiso ngawe ndodana kuthi ufunde uqede, nawe wenze umsebe zi onesithunzi.”

Themba:”Ungalinge mama usiqhathanise noMusa uyasazi isizathu kungani ngingazangre ngiqedele ukufunda. Ngeke ngihlalele ukuzichaza mihla namalanga ngoba ukube akusiyo lenyama engiyishisa kaSambulo kube kade nabulawa indlala.”

MaBaloyi:”Angiqondanga okubi ndodana"

Asukume uThemba aqonde egunjini avuse inkosikazi yakhe kuthi bahambe.

Themba:”Uzizwa unjani manje?”

Sphe:”Akusafani.”

Themba:”Uyakuhlupha lomntwana sekumele avele manje.”

Sphe:”Ngempela akavele manje ngathi ngingamukhipha manje.”

Themba:”Bekezela kusele kancane ukube bekwenzeka bengizomuthatha ahlale kimi.”

Ahleke uSphe

Sphe:"Bengicabanga ukuthi siyalala kokugcina namuhla."

Themba:"Bengihlele kanjalo kodwa ngiyabona umama ufuna kuba noMusa babe bodwa kudala angayazi indodana yakhe aze azitshele ukuthi washona."

Balungise baphume athuke umaBaloyi ababaze.

MaBaloyi:"Kahle ndodana kukhulumeke kabi akusikho ukuthi angiwaboni amandla wakho."

Tjemba:"Ngiyazwisisa kodwa manje ngifuna ukuya kwami."

Musa:"Mina ngifuna ukuba semndenini wami engingawazi ngicela ningayenzi lento, ngiyamxolisela umama."

Sphe:"Kwenzakaleni kanti?"

MaBaloyi:"Ngicela nongahambi sesi."

Themba:"Njengoba ngishilo ma ngiyazwisisa angibambanga gqubu ngifuna nje ukuya kwami ngizoza kusasa ngizonibona."

MaBaloyi:"Ngicela uze ndodana ngeke ngibe kahle ngaphandle kwakho."

Baphume nenkosikazi yakhe bayongena emotweni, inhliziyo yakhe ibe buhlungu umaBaloyi, acabange ubunzima obaba semahlombe wendodana yakhe makushona umyeni wakhe. Kwaphenduka yena waba ubaba wekhaya walwa kuthi badle uLungile aqhubeke nezifundo zakhe.

Musa:"Mama."

MaBaloyi:"Emva kokuthi ubaba wenu ashone yonke into yema la ekhaya uThemba wayefunda enyuvesi kwamele ashiye phansi abuye azosisebenzela. Ngempela kwaba njalo wasinakekela waze wafundisa udadewenu uLungile. Abegqoka konke okugqokwa ezinye izingane uLungile akuthenge akuthumele ngoba emva kwesigameko sokuhamba kukababa wahamba wayohlala noAnti wenu. Namuhla mina sengikhulume ngendodana yami kabi nje."

Musa:”Ukube uthukuthele ma bengizozwa nami uphatheke kabi muyeke abe kahle.”

MaBaloyi:”Ithi ngiyolala kancane ungahambi"

Musa:”Ngizobe ngila.”

Asukume ayongena egunjini lakhe bungafiki ubuthongo ulokhu ucabangana nalento ayisho kuThemba, kukhale ucingo lwakhe aluphakamise alubheke.

MaBaloyi:”Sawubona.”

Ntombela:”Hawu wabamba ucingo ngomoya ophansi nje?”

MaBaloyi:”Ngiwuthathephi umoya ophezulu engizobamba ngawo ucingo.”

Ntombela:”Kwenzekani salukazi sami?”

Athule angaphenduli ezwe amehlo ashisa izinyembezi.

Ntombela:”Mawungangiphenduli phela anginceni ukujika ngize lapho"

MaBaloyi:”Ngiye ngakhuluma kabi nendodana yami manje ngiyazisola ngoba uhambile uthukuthele ngiyazi noma athi akathukuthelanga.”

Ntombela:”Yiphi indodana?”

MaBaloyi:”UThemba.”

Ashaye ikhwela uNtombela

Ntombela:”Indodana yakho leyo ayibhenywa inolaka olumangazayo kwamina ngiyayisaba.”

MaBaloyi:”Kuzongisiza ngani lokho okushoyo?”

Amoyizele uNtombela

Ntombela:”Salukazi sami ngingakusiza ngani ngitshele ngizokwenza"

MaBaloyi:”Noma ngingakutshela ngeke ukhone kungisiza.”

Ntombela:”Noma ngingeke ngikhone kodwa ngizolalela uyazi ukuthi ukuba nomuntu okulalelayo mawusosizini kuyasizana.”

MaBaloyi:”Mina angikho osizini ngizisola ngalento engiyikhulumile.”

Ntombela:”Utheni kuye?”

Amuxoxele akushilo konke aqede sekakhala kodwa angazwakali.

Ntombela:”Awukhulumanga kabi salukazi ukuthi umfana usuke wayithatha kabi ngoba naku iwele lakhe liwudokotela lento ukube uyisho kudala lingakafiki iwele abezozihlekela nje. Wena yehlisa umoya ucambalale uzobuya nganeno.”

MaBaloyi:”Uzongibuka kanjani sekabuyile nganeno, uzobona ngathi sengithanda lo ofikayo kunaye.”

Ntombela:”Izomubonisa inkosikazi yakhe.”

MaBaloyi:”Angazi kwenzakalani ngezingane zami ngapha uLungile naye ubukeka aphansi mangimubuza uthe uzokhuluma nami masisodwa.”

Ntombela:”Ngenkathi ngizama ukubamba isandla  sakho sengihamba usibonile ngiyacabanga kumayelana nalokho"

MaBaloyi:”Hawu wase uyathula nawe wangasho lutho"

Ntombela:”Angazanga ngithini kodwa bengazi makakubuza uzomuphendula kahle aneliseke.”

Adonse umoya umaBaloyi

MaBaloyi:"Angifuni kuphathwa ikhanda sengiguga nje ngenxa yendoda, Ntombela mina angifuni kuzwisa uzingane zami ubuhlungu sengingaka. ULungile makaba kanje uThemba uyobanjani yena."

Ntombela:"Mana salukazi ngamagabade, uNzuza uyakuthanda, uyakufuna futhi uyakudinga, nawe uyamudinga, uyamufuna. Izingane zakho zikhulile zonke zikazo wayenza indima yakho ngabo. Emva kokuhamba kwababa wazo wahlala nazo wazikhulisa wazinika impilo manje kumele wena wamukele lokhu uNkulunkulu akunika kona ukuze ujabule. Emva komyeni wakho yema impilo yakho ngicela ungenzele okuthile."

MaBaloyi:"Ini?"

Ntombela:"Makuhamba uAnti wabo ngicela kukulanda akukho engizokwenza kona."

MaBaloyi:"Ungisaphi?"

Ntombela:"Ngicela ungithembe nje ngingasho kuwe."

MaBaloyi:"Angazi uMusa ufuna ukuzohlala nomndeni wakhe inyanga."

Ntombela:"Cha ngeke ahlale inyanga yonke angenzi lutho zikhona izinsuku azozihamba, mina ngizokulanda ngalezo zinsuku. Vuma salukazi."

MaBaloyi:"Angifuni ungiyise la engizoshunqiselwa khona."

Ntombela:"Ngizobika edlozini ukuthi ngisaphuma ngizoshiya namathambo ngicela uvume salukazi sami."

Mabaloyi:"Kulungile kodwa izinsuku ezimbili."

Ntombela:"Ngizozwa ngawe."

Bavalelisane avale ucingo lwakhe makathi uyaphakama azithele kuLungile umubhekile akabonakali ejabulile futhi.

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

UMBHALI: LETHABO T 🌼

ISIQEPHU 75🌼

Manqoba:"Manje masifika lapha bhuti simukhipha kanjani?"

Smanga:"Uyazi uThami uzokwenzani kodwa akumele azi kuthi nimubizela mina."

Manqoba:"Sizomubiza kodwa siyamufihlela, akazi kanti yena ukuthi uthandana nawe?"

Amubheke uSmanga ngokumangala akhululeke makabona uThami agegetheka.

Smanga:"Kuncono kungene uThami yedwa"

Amise imoto buqamamana nakhabo ma wengane yakhe, yonke lendlela uThami uyamubona ubhuti wakhe ukuthi ujulile.

Thami:"Ufuna ukulungisa ngempela bhuti?"

Smanga:"Ngiqinsile kunempilo engizoyiqala manje ngifuna kuqala naye"

Thami:"Ngizobuya naye."

Manqoba:"Ngicela ukuza T"

Smanga:"Mulandele."

Ehlike naye bahambe masebafika esangweni.

Manqoba:"Ubani umama Bandi?"

Thami:"Omunye usesi uthandana  nobhuti baxabene noma bahlukene angazi kodwa ufuna kulungisa"

Manqoba:”Ubhuti ungubaba kaBandi?”

Thami:”Yebo.”

Manqoba:”Ndoda nigugile kini wena ungubabomncane nje lokho kwenza usesi wami umamncane kaBandi wuuuu minake ngingu….”

Thami:”Shhhhhhh.”

Sebafike emnyango akokode uThami kuphendule  ubaba wakhona.

“UBANI?”

Manqoba:”Yoooo ibhesi engaka.”

Thami:”Shhhhhh, yimina baba Masondo ubabomncane kaBandi ngiyaxolisa kufika ebusuku.”

Manqoba:”Uhamba noManqoba baba wakaTshabalala nami ngiyaxolisa ukuhamba ebusuku.”

Kube namaphimbo ansinsithekayo ngaphakathi abakamuboni nalomuntu abamuhlekayo.

Masondo:”Nisinekani vulani lomnyango nihambe niyolala.”

Uvuleke umnyango bangene umnumzane wekhaya uhlezi celeni kweziko indodakazi yakhe igeza izitsha nomunye.

Thami:”Sanibonani ekhaya"

Masondo:”Hlalani phansi zinsizwa nginganisiza ngani?”

Thami:”Ehhhh ngithunyiwe baba, ekhaya bathi angizocela uBandile kunomkhuleko ozokwenziwa womndeni makuhlukana ubusuku"

Amangale umuntu omdala ngoba akayazi lento ayishoyo bazi izinto zemisebenzi.

Masondo:”Manje kumele kubekhona nomzukulu wami?”

Thami:”Eya baba njengezibulu labazukulu.”

Masondo:”Pho kungani nifike sekuhlwile nje?”

Thami:”Iphutha elami baba ngithunywe ekuseni mina ngase ngigcwala iziganga ngikhumbula manje masengibuyela ekhaya"

Masondo:”Cha ngeke ngimunqabele akahambe umzukulu, Fikile uzwile?”

Fikile:”Ngizwile baba kepha uBandile kusasa kumele aye esikoleni uSphe akasekho uzolungiswa ubani"

Thami:”Inkinga ayikho ungahamba nathi uzozilungisela wena ekuseni"

Masondo:”Uphi umfowenu?”

Thami:”Akekho uhambise izinkukhu kwelinye ipulazi.”

UMasondo abheke indodakazi yakhe

Masondo:”Ungahamba sesi ngiyathemba ngeke abuye sekalimele ekhala.”

Thami:”Ngiyathembisa baba ngeke.”

Fikile:”Ngicela ningilinde ngiyothatha izimpahla zakhe zesikole"

Thami:”Yena uphi?”

Masondo:”Ukhona la endlini.”

Makasithela emagunjini

Masondo:”Uthini mfokaTshabalala uhambelani ebusuku?”

Manqoba:”Ngeke kuphinde kwenzeke baba bekuqala.”

Masondo:”Ngiyaninika umzukulu wami ngoba kukhona wena Thami nalomnyango bengeke ngiwuvule ukube bekungasinguwe babuye baphephile"

Amangale uThami ukuzibamba kwaManqoba  aqhamuke uFikile nendodana yakhe, nayo ijabule mayibona ubabomncane wayo iye kuye amuhage.

Bandi:”Baba.”

Thami:”Sho mfana"

Masondo:”Seniyalingana uyabona.”

Thami:”Uyakhula nangu umuntu.”

Masondo:”Nihambe kahle bantabami.”

Manqoba:”UThami nakhu okunye akushiya baba.”

Bamubuke bonke

Manqoba:”Kuthiwe mangabe ubaba uyavuma bamucela isonto lonke uBandi ngoba lomkhuleko bazowenza izinsuku ezintathu, ngiyaxolisa ukufakaza ukuthi ngizwile makathunywa uThami.”

Masondo:”Hhayi uyabonake ukuthi uhlawuliwe lomntwana akusho ukuthi kumele uMkhaliphi azenzele, mkhuleko muni lowo kanti sengithanda kungayivumi lento manje. Lobhuti wakho uzoze abuye angimufuni duzane nendodakazi yami?”

Manqoba:”Akekho inyanga yonke baba.”

Adonse umoya uFikile

Thami:”Baba makuphuma isikole ngizomlanda umzukulu wakho ngimulethe ngapha njalo uzibonele ukuthi ukahle bese siyahamba ngiyaxolisa kungakhulumi konke"

Abheke uManqoba ososwabile

Masondo:”Asikho isidingo salokho ndodana, Fikile hamba uyothatha izimpahla ezanele hlalani phansike.”

Bandi:”Baba isekhona imoto yami le esayikhanda yewayela?”

Thami:”Isekhona uyamubona lo umngani wami ungithembise ukuthi kusasa uzokuthengela ibhayisikili"

Ajabule uBandile uManqoba amangale

Manqoba:"Besengikuthembisile kanti?"

Masondo:"Kudala akhalela umawakhe ngabe usebenzile ndodana."

Bandi:"UZola unebhayisikili enhle uthi iyabiza futhi."

Manqoba:"Uyakuchomela wena uzothola elinegama lakho."

Ijabule indodana kaSmanga abuye uFikile manje sekahamba nalo bekageza naye izitsha azange bamunake, umuphathise isikhwama. Amubheke uManqoba athatheke enze iphuthe naye eme celeni kwaManqoba anganake lutho.

Thami:"Hawu Nobuhle unjani?"

Nobuhle:"Ngiyaphila bhuti"

Manqoba:"Nami ngiyaphila  Nobuhle."

Amubheke uNobuhle ungene la angamunakile babukane uManqoba angezwa lutho nayi intokazi emhlophe, namehlo ayo athe bha awanabala. Izinwele zakhe azikanyiwe kepha ziyamufanela abheke ubaba wakhe uNobuhle akabanakile ashalazele.

Thami:"Nisale kahle baba ngiyabonga ngokungithemba kwakho."

Masondo:"Kulungile ndodana kube ngiyanikhipha manje buka idolo ngawa ezinyangeni ezinhlanu ezendlulile  livuvukele nje."

Thami:"Kukhona okugcobisayo kodwa baba?"

Masondo:"Kuyafana sengibahambe bodokotela belokhu bengiphosholoza idolo libohle isikhashana liphinde futhi."

Agobe uThami alibheke

Thami:"Manqoba buka la yazi ngamubona agcobisa omunye wezisebenzi zakubo lomngani wami angazi wayemugcoba ini ngabona sekaluleme, Manqoba uyalibona idolo lababa?"

Manqoba:"Yooooo ngiyabona muhle"

Amubheke uThami abone into angakaze ayibone aphinde athuke amushaye esifubeni athuke amubheke.

Thami:"Bheka idolo lababa ngakubona ugcobisa umam Mthembu wabakahle."

Acimeze kakhulu uManqoba abuyisa ingqondo yakhe acoshame alibuke alithinte kancane.

Manqoba:"Kubuhlungu baba?"

Masondo:"Angilali ndodana ikakhulukazi malinje."

Manqoba:"Angazi noma lento engayididiyela ngizoyithola kulendawo, kodwa ngizovuka ekuseni ngiyoyifuna, ngizobuya baba"

Masondo:"Ngabe usebenzile ngicela ubuye."

Manqoba:"Nakanjani ngizobuya zonke izinsuku forever ngizobuya."

Amoyizele uThami

Thami:"Nisale kahle baba sizobuya nakanjani."

Manqoba:"Yooo Nkosi yami hayibo ngizobuya"

Masondo:"Kwenzenjani ndodana?"

Adonse umoya uManqoba abheke phansi

Manqoba:"Akunalutho baba."

Baphume abalandele uNobuhle kepha angavali umnyango ahage usesi wakhe kanye noBandile.

Nobuhle:"Nihambe kahle sisi."

Fikile:"Ngathi ufuna ukukhala nje?"

Nobuhle:"Ngizoba nesizungu kodwa ngizoba kahle."

Fikile:"Ubhale kahle kusasa ungaselwa."

Manqoba:"Ubhala ngobani iskhathi?"

Abheke phansi uNobuhle

Nobuhle:"Ngehora lesibili."

Manqoba:"Izikole azivalwa kanti ngapha?"

Nobuhle:"Sivala kulo leviki."

Thami:"Angithi nina nifunda koprivate nisheshe nivale"

Manqoba:"Usale kahle Nobuhle."

Iyamuchaza lento ayibonayo uThami aphinde ahage usesi wakhe uManqoba azihlohle naye amuhage, uFikile abuke uThami amubambe ngesandla kuthi bahambe, basuke kancane aphanjanelwe ikhanda uManqoba sekahogela nephunga likaNobuhle, sekamane uthulile uNobuhle ngoba akafuni ukuba luhlaza nangu umuntu emuhaga angaqedi.

Masondo:"Nobuhle yekela usesi wakho ahambe ungifakela umoya ngalomnyango ovuliwe"

Amuyeke uManqoba sekashalazela uNobuhle angene endlini ngokushesha avale umnyango eme isikhashana lapho abuye asuke abagijimele abafice. Amubheke uThami angenzi nalento abecabanga ukuthi uzoyenza yokuphapha azithulele nje. Mabafika ngasemotweni.

Fikile:"Thami usangibizela ubhuti wakho noma wazi wayengenzani ngibuyisele ekhaya."

Aphume ngokushesha uSmanga amugijimele sekajika uBandile angazingeni yena aqonde emotweni ngoba ufuna ukuya kubo. Afike amubambe ngesandla uSmanga

Smanga:"Angizi ngobubi mama Bandi ngicela sikhulume ngiyazi awungithembi sengikukhalise kaningi ngicela kukhuluma nawe. Singabazali bakaBandile ngiyakucela ngeke sihlale sibukana njengezitha"

Fikile:"Manje sikhona isidingo sokuthi ngiye kini isonto lonke ngenxa yokukhuluma nje?"

Amangale uSmanga ngoba akayikhulumanga yena indaba yesonto lonke.

Smanga:"Isonto lonke?"

Fikile:"Yebo uThami nalomngani wakhe wamehlo amakhulu basho njalo."

Smanga:"Kungaba yinkinga kuthi sibe nendodana yethu ndawonye isonto lonke?"

Fikile:"Ngeke usenemibuzo vele eminingi manje ngawe."

Smanga:"Ngiyabonga."

Bajike babuyele emotweni boThami bagibele ngemuva uManqoba athule du indlela yonke baze bafika.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWATHEMBA🌼

Indlela yonke uThemba uthulile akafani nasemihleni noSphe angasho lutho ngoba uyamazi into mayiqeda kumucasula akakhoni kukhuluma ngayo. Bafike endlini balungise abakulungisayo.

Sphe:"Baloyi akuvumi ngipheke namuhla ulambile?"

Themba::Wena ngeke ulambe ebusuku ngoba uhlala uvuka?"

Sphe:"Ngizohlanganisa engikuhlanganisayo."

Themba:”Akunankinga ungapheki, awufuni ngiyokuthengela?”

Sphe:”Cha ungahambi, ngikubona ngathi awukho kahle"

Abheke phansi uThemba adonse nomoya

Themba:”Asambe uyophumula.”

Sphe:”Cha myeni wami ungalali nentuluthelo kuncono ukhulume kwenzenjani?”

Themba:”Kunento uma ayikhulumile ifike yangizwisa ubuhlungu namanje ngisamuzwa nje"

Sphe:”Utheni?”

Themba:”Ukhulume indaba yokuyeka kwami esikoleni, uthi uMusa ungudokotela wafunda waqeda.”

Sphe:”Wena wawuhlupha yini mawuyeka isikole?”

Themba:”Ubaba washona ngisenyuvesi kwabanzima emva kwalokho, umama wayengakhoni ukuhlala isikhathi eside asebenza ngoba wayehlushwa ikhanda. Mina vele besengimatasa ngokusebenzisana noSambulo kodwa lokho bengikwenza ngokumsiza ngoba engumngani wami, njalo mangikhona. Ubaba owayengifundisa nakhona bekunzima kepha wayehlanganisa. Makashona konke kwema ngayekela kuthi ngibuye ngizobanaka.”

Sphe:”Waqhubeka nokusebenzela uSambulo?”

Themba:”Yebo besenza nobugebengu imali ibiningi khona, ishisa nyama bekuyinto yokucasha kuzobangathi siyithola khona imali.”

Adonse umoya uSphe

Themba:”Manje ukuzwa umama akhuluma kanje ekubeni azi kahle izinto engangindlula kuzo kuthi bangalambi kungizwisa ubuhlungu. Azange kubonakale ukuswela ngisho emva kokuhamba kukababa, njalo masiyoganga ngangihlala ngithukile ukuthi mangingabanjwa la ngivalelwe kuphelile ngomawami.”

Sphe:”Uthukuthele manje?”

Themba:"Angithukuthelanga ngilimele ngiyopha kubuhlungu, angisho ukuthi umama kumele angikhothamele ngoba ngimondla kepha lamagama awakhiphile avele athola indawo phakathi kimi."

Amuhage uSphe ngoba naye amuhlaba lamagama

Sphe:"Umama uhlala akhuluma ngiyacabanga lento iziphumele nje kuye."

Themba:"Ngiyazi uhlala azidlalela kodwa lokhu ngiyakwala."

Sphe:"Uxolisile kodwa"

Themba:"Ezinye izinto azilungiseki ngokuxolisa njalo mangimubona kimi kuzofika lento kuthi sekabona uMusa eyindodana encono kunami."

Sphe:"Lokho ngeke kwenzeke umama uyakuthanda myeni wami, ngamane manje uhlale ungayi ekhaya kuze uzoxola kepha masoxolile uye."

Kukhale ucingo alubheke uThemba inombolo angayazi alubambe.

Themba:"Baloyi"

"Baloyi unjani?"

Themba:"BabNtombela?"

Ntombela:"Yebo ndodana."

Themba:"Ngingakusiza ngani?"

Ntombela:"Ngizoqala ngokuxolisa ngokukushayela inombolo yakho ngiyithathe kwinkosi yethu uMlungisi."

Themba:"Khuluma baba."

Ntombela:"Angiqondile okubi."

Themba:"BabNtombela ngilalele."

Ntombela:"Ndodana umawakho ungazise ngakushilo kuwe."

Ahleke ngokubhuqa uThemba

Themba:”Ukutshele kuthi wena wenzeni ngoba indaba yomndeni le, futhi ukutshele kanjani ngoba usuhambile?”

Ntombela:”Ngiye ngamufonela.”

Athule uThemba ukumangala umawakhe sekafonelana noNtombela ngoba kwenzenjeni.”

Themba:”Kungani unenombolo kama?”

Ntombela:”Ndodana empilweni kunzima.”

Amungene emlonyeni uThemba

Themba:”Manake babNtombela ufuna kuthini kimi ngiyayazi impilo angidingi ungitshele ngempilo ngoba umama akhulume kabuhlungu ugijima uza kuwe. Uhlanganiseni nomama?”

Acimeze uSphe amubheke emehlweni

Ntombela:”Baloyi ngishilo eqaleni angiqondanga okubi ngicela ungiphe indlebe ngiyathembisa ngeke ngiphinde ngikufonele emva kwalokhu.”

Themba:”Shesha.”

Ntombela:”Ngiyabonga.”

Themba:”Shesha.”

Ntombela:”Abuhlungu amagama akhulunywe umawakho kuwe ikakhulukazi ngoba nguwena owathwala lomndeni kuze kube yinamuhla. Lento ayishilo akayikhulumanga ngoba ayihlosile ngempela, yena uyafisa kuthi izingane zakhe zonke zidle imali yazo eziyisebenzayo umsebenzi abawufundele.

Akabukeli phansi umsebenzi wakho obenzele bona nosesi wakho uphahlukile nje. Yebo uyaziqhenya ngendodana yakhe uMusa kodwa lokho akusho ukuthi wena ukubukela phansi. Akusibo bonke abantu ababekelwe ukufunda baqede mina ngikhule ngingaka nje ngihlezi

neziqu zobu Agronomist  azange ngibe nenhlanhla yokuthola umsebenzi yize umhlaba wonke ushoda ngama agronomist kanti uNkulunkulu ungabele lesipho lesi.

Ikusasa lakho kudala lahlelwa akekho onamandla okuliguqula ndodana, namuhla uyakwazi kunjani ukunakekela umndeni nangu uMvelinqangi ukuphile umndeni inkosikazi yakho ikhulelwe futhi ziningi izingane eziseza, yingoba uqinile uqeqeshekile uzokhona kubakhulisa kahle. Nomkakho useyingane uyazibhubhunyekela ngangimubukile lapha ebukhosini. Nguyena ingane yakho yokuqala uyabona ukuthi lobunzima bokunakekela umawakho nosesi wakho bewuqeqeshwa.”

Amoyizele uThemba makezwa igama lokuthi nenkosikazi yakhe iseyingane.

Themba:"Yini leyo Agronomist?"

Ntombela:"Ngithanda izinto zendalo mina inhlabathi, izihlahla konke nje okuhlanyelwayo kukhuliswe, imifino izilwane. Agronomist kusebenza mayelana nalokho noma ungathi izinto zakwaAgriculture."

Themba:"Awulahlekanga nje babNtombela ubunyanga kuyasondela kulothando onalo. Yini edingekayo kuthi kufezeke?"

Ntombela:"Ipulazi ndodana noma igceke elikhulu ngizozihlanyelela."

Themba:"Uphinde uthengise futhi uqhubeke nobunyanga bakho."

Ntombela:"Ulusha nokuthanda imali."

Bahleke

Themba:”Ngiyakuzwa baba.”

Ntombela:”Iwele lakho ungalixwayi usasenendlela ende okumele ayihambe futhi uzobuka kuwe indlela.”

Themba:”Mina ngizomusiza kanjani ngoba lomuntu uyabonakala ukuthi uzimele.”

Ntombela:”Imali akusiyo impendulo yakho konke izingane zomuntu aziphiwa ngokufana. Yena uphiwe emalini kepha ubuthaka emoyeni nguwena ozoba udondolo lwakhe. Mawungafulathela umuzi kababa wakho ndodana zonke lezindonga obuzimisile yonke leminyaka ziyowa nayo lemali eza nomfowenu.”

Adonse umoya uThemba

Themba:”Kungani ungitshela yonke lento?”

Ntombela:”Miningi imindeni ehlukene phakathi ngenxa yokungakwazi ukunakana ukuthi lo uletha lokhu kulekhaya bese lo uletha lokhuya. Bese babanga ithalente lanomunye bayeke ewabo umndeni uhlukane phakathi. Wonke amalunga omndeni abalulekile ngisho nalaba abangasebenzi. Buyela ekhaya utshele umawakho ukuthi ukahle hhayi naye kumele avale umlomo wakhe kanye nje.”

Ahleke uThemba

Themba:”Namanje awukaphenduli umbuzo wami, kungani uzihluphile kuthi ungibonise?”

Ntombela:”Ngizobuya ngixoxe nawe Baloyi ucingo luyaye lwenze ngathi umuntu unamanga.”

Themba:”Cha ngitshele ngoba ngifuna ukukhulula umqondo wami kulento engikucabangela yona.”

Kuthuleke kancane

Ntombela:”Ewu ndodana umuntu noma sekakhulile kuyaye kwenzeke izinto ezimuxakayo angazi nokuthi azimise kanjani, akukhulumeki Baloyi.”

Themba:”Ingabe uthandana nomama?”

Ntombela:”Cha cha ndodana yimina othanda umawakho.”

Amangale uThemba akakaze abone isidingo sokuthi umawakhe abe nomuntu kuthuleke manje ocingweni sekuzwakala ukuphefumula.

Ntombela:"Usekhona Baloyi?"

Adonse umoya uThemba angaphenduli.

Ntombela:"Ndodana umawakho naye azange ayiphile impilo yakhe, kwahamba ubaba wakho wasala ebeka nina phambili wazikhohlwa nya. Makungenzeka ndodana ngicela ungamubuki ngamanye amehlo lento engiyikhulumayo ngiyazi iyakucasula."

Themba:"Umama yena uthini?"

Ntombela:"Uhlala angiphoxa umawakho kodwa akakhoni ukuzifihla noma angakasho lutho ngiyazi kukhona okwenzekayo kuye."

Themba:"Noma usaba mina?"

Ntombela:"Yebo noma usaba wena, uyazi ukuthi uyakusaba umawakho?"

Themba:"Ngiyazi angithandi futhi."

Ntombeka:"Hawu ndodana wangaba ilento bengicabanga ukuthi uzoba yiyona mawuzwa ngalodaba, ingabe uyasinika izibusiso zakho?"

Themba:"BabNtombela nibadala maaan nifuna ukwenzani, umama makavuma kokwenziwani?"

Ntombela:"Phela makavuma nawe ndodana ngiyamuthatha ngiyamushada uza emegcekeni akwaNtombela. Ngiyazi sibadala kodwa kwenzekile."

Themba:"Ngeke ngime enjabulweni yakhe, kodwa uma uzokhumbula ukuthi umuzi kababa lowaya."

Ntombela:"Awuuu wangiqoma ndodana ngiyabonga ngeke kwenzeke, futhi ngeke ngisawubeka umqondo wami emzini kaBaloyi ngomani ngime njengensizwa emgwaqeni."

Amoyizele uThemba avalelise abuke inkosikazi yakhe eseyizumekile.

Themba:"Buya uzolala sthandwa sami ngiyokufunela ukudla ekhaya."

Sphe:"Hawu sengizumekile nami."

Themba:"Ufuna izingane eziwungakhi?"

Sphe:"Uma uzongidedela ngisebenze ngingahlaleli kukhulisana nezingane ngihambe amazwe ngamazwe ngizokwenzela iqembu lebhola."

Achazeke uThemba sekacabanga lento abeyitshelwa uNtombela baqabulane.

Themba:"Manje uyafuna ngikulule kancane simuvulele indlela?"

Sphe:"Ngikhathele myeni wami."

Themba:"Buya ungenzi lutho ngizozenzela"

Amuqabule elokhu ekhuluma baye egunjini labo....

Emva kwesikhathi aphume uThemba aqonde emotweni...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI 🌼

Lungi:"Mama uthandana nalenyanga?"

MaBaloyi:"Noma ngabe ngithandana nayo sikhona isidingo sokuthi ungeyise ngalohlobo, ungilalela ngisocingweni bese ungena uyatheleka egunjini lami."

Lungi:"Mama"

MaBaloyi:"Ayikho into engingayenza nginifihlele lephimbo lakho angilithandi"

Lungi:"Mama ubabNtombela pho kubo bonke abantu"

MaBaloyi:"Wenzeni?"

Lungi:"Usebenzela ebukhosini uyinyanga nakhona wazi kanjani kuthi akukho akufake kona."

MaBaloyi:"Uya nini emzini wakho?"

Asondele uLungile azohlala embhedeni.

Lungi:”Mama ubabNtombela uyinyanga futhi uzihlezele kahle asikho isidingo sokuba nomunye umuntu, ubaba nje uzothini ma lomuntu uze ungena emzini wakhe alale khona. Uyazi la ahlala khona uNtombela kuyasabeka kugcwele izihlahla ezingaqondakali ezani. Uzaya kohlala lapho na?"

MaBaloyi:”Awungitshele ukube uNtombela uyilamakhehla anemali ubuzokhuluma kanje?”

Lungi:”Eya mama ukhulile manje wena kumele uzihlalele nabazukulu. Uyinyanga lomuntu mama"

MaBaloyi:”Umyeni wami angithi kube usekhona kepha ngenxa yomyeni wakho akasekho, ngamamukela ngoba nakhu wena uyamuthanda. Wena uzohlulwa ukuvala lomlomo wakho oqabulana nombulali kayihlo ubone ukuthi kwenzakalani kimi nalenyanga. Noma izinyanga azinawo ugwayi na?”

Amubheke uLungile

MaBaloyi:”Ithi ngikutshele imfihlo usukhulile umdala uzalile, ngingaba umawakho kepha ngiwumuntu wesifazane. Yonke leminyaka benginikhulisa nginesana nawe kuthi ukhohlwe into eyakuvelela impilo yami ibimile kuthi wena uphile uthole ukulapheka. Imizwa ibikhona nami nginayo ipunani noma ungathi igugile kodwa iyakufuna okwayo. Konke lokho bengikushaya ngathi angikuzwa ngoba ngifuna kunakekela nina. Namhlanje ngane yami umdala awuhlali nami ngingedwa le injabulo ngiyayifuna. Yes bengingayinakile lenyanga kodwa manje ngiyazizwa ngiyayithanda. Mangabe ungiloyile akunankingake umloyo wakhe uyangijabulisa.”

Abheke phansi uLungile

Lungi:”Uyazi ukuthi uThemba ngeke ayivume leyo.”

MaBaloyi:”Wena kumele uyeke ukungiphaphela ungidelele kumele ungisize ngikhulume nabobhuti bakho. UNtombela ngiyamuthanda angimuthandeli izindaba zokusa zamapunani lapho bengikubekisela nje. Asikathandani naye akazi futhi nokuthi kukhona engikuzwayo ngaye ngoba ngihlonipha izingane zami bengifuna kukhuluma nani kuqala bese ngiyavuma kuye nina senazi. Manje uzongidelela la, shayela umyeni wakho akulande"

Lungi:”Ngisuke ngathuka ma mangimubona akubabamba isandla nawe indlela obungayo ebusweni angikaze ngikubone nomuntu wesilisa.”

MaBaloyi:”Ubuzongibona kanjani ngoba bekangekho futhi bengikhusela wena kakhulu, bengeke ngilande umlisa ngingazi noma uzokujikela akwenze lento eyakuvelela.”

Sebayakhala bobabili manje.

Lungi:”Angithandanga mama mawuthi umyeni wami ungumbulali kababa uyazi abekusiphi isimo.”

MaBaloyi:”Ngikwazi kahle lokho ngikushiso ukuthi uvule lamehlo wakho ungicabange isimo engikuso.”

Kungene uMusa amangale naye makabona umawakhe noLungile bekhala acabange lento eshiwo umawakhe kuThemba.

Musa:”Kwenzenjani ma?”

MaBaloyi:”Akukho lutho olutheni ndodana.”

Musa:”Ingabe ukubuya kwami ekhaya yikona okwenze kube munyu.”

MaBaloyi:”Lutho ndodana akusinguwe usesi wakho inhliziyo yakhe ibuhlungu ngoba uthole kuthi kunomuntu emgimuthandayo"

Lungi:”Ayikho buhlungu ma sengiyazwisisa.”

Musa:”Mama wena unomuntu?”

MaBaloyi:”Anginamuntu kepha kukhona oqhamukile nami ngazithola sengithatheka.”

Musa:”Mama uThemba ungixoxele indlela ubaba ahamba ngayo nokwenzeka emva kwalokho, ushilo futhi baningi enkonzweni bazibika kuwe kepha ubunqaba. Mangabe kuyakujabulisa mama asinalo ilungelo lokuma endleleni yakho yenjabulo"

MaBaloyi:”Ngiyabonga ndodana kodwa kumele ngitshele uThemba kuqala"

UMusa asondele kuLungile amusukumise amuhage.

Musa:”Umama simudinga aphila ajabulile futhi khulula inhliziyo yakho.”

Lungi:”Ngiyezwa bhuti"

Musa:”Manje sizomubona nini lomkhulu?”

Amoyizele umaBaloyi

MaBaloyi:”Ilobaba bekala kodwa akukenzeki lutho bengifuna kutshela lezingane kuqala.”

Musa:”Angazi noma ngiphuma endleleni kodwa umuzi kababa lo njena"

MaBaloyi:”Ngeke aphinde angene, akukho futhi akwenzile okubi.”

Musa:”Kumele utshele uThemba ma"

“Ngitshelwani mina?”

Baphenduke athuke umaBaloyi makabona indodana yakhe akazi nokuthi ingene nini aze asukume, amubheke uThemba. Kuze kuthuke noMusa. Uthuswa indlela abangayo kuyamucacela ukuthi iwele lakhe ngathi alizwani nododi nje.

Themba:”Ngitshelwani mina Lungile?”

Ashalazele naye uMusa azibukele le umaBaloyi asho nje ngaphakathi kuye kuthi uNtombela usengamane anyamalale nothando lwakhe ngeke akhone yena kukhuluma into enje kuThemba.

MaBaloyi:”Lutho ndodana.”

Themba:"Mangingatshelwa lutho kulungileke mina kukhona engifuna kukukhuluma nawe Khosi ngicela siyohlala phansi."

Afulathele athuke omelele umaBaloyi indodana yakhe inako kumbiza ngegama kepha namuhla kumuthuse kakhulu. Kungenzeka ufuna kubashiya kulomndeni ngenxa yalento ayishilo noma. Azitshele ukuthi ngeke asaqhubeka ngemizwa kaNtombela. Bahlale phansi bonke sebathukile naye mabamubuka akahleki....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Mabafika kwaMkhaliphi bangene uBandile ajabulele ugogo nomkhulu wakhe ayobahaga. UMnqobi usalalele ubumnandi bomlilo sebadlile.

MaMkhaliphi:"Hawu ngaze ngajabula mama kaBandile kunini ngakugcina."

Fikile:"Ngiyaphila ma"

MaMkhaliphi:"Ningahlala phansi ngizoniphakela Manqoba okwenu ukudla nginibekele."

Fikile:"Cha ma ngiyabonga besesidlile thina mabafika ekhaya, ngizokusiza nje ngezitsha."

Smanga:"Singakhuluma kuqala."

Fikile:"Mama ngizibeke kuphi izikhwama zami?"

Smanga:"Egunjini lami ngale kaSphe kuzolala abangani bakaThami."

Fikile:"Smanga angiyi lapho mina."

Manqoba:"Sesi Fikile ngizokubekela izikhwama zakho egunjini labhuti, uBandile uzolala nami ngoba uMnqobi uzolala noThami uyakhahlela lo ngeke ngikhone kulala naye."

Bahleke

Mkhaliphi:"Iwele lakho wawuhlezi nalo esibelethweni nje"

Manqoba:"Sasifake umakoti phakathi azange angikhahlele"

UMnqobi athuke abone ukuthi uzokhuluma

Mnqobi:"Hamba uyobeka iskhwama ngizokhipha izimpahla zami ngale"

Mkhaliphi:"Wena uhlupha ubhuti wakho, ukushiyele nesishibo sakhe"

Manqoba:"Haaaa ngiyabonga bafo"

Athathe isikhwama aphume akalazi negumbi likaSmanga iliphi, uSmanga yena ezwe emuthanda lomngani kaThami. Balandelane amukhombe asibeke isikhwama.

Manqoba:"SesFikile ngikhiye endlini ngeke nisabuya?"

Smanga:"Angikadli ndoda ngilambile."

Manqoba:"Ngizokuletha"

Aphume basale bahleka umsangano kaManqoba ngempela akulethe ukudla abuyele endlini akhiye.

Manqoba:"Mama isikiki sesingenisiwe angithi phela angifuni babuye laba la endlini abakhulume izindaba zabo."

Agegetheke uMkhaliphi noBabalo

Mkhaliphi:"Thami umushiye lomngani wakho angahambi, usazelaphi isikiki ngoba ebukhosini ninyela endlini."

Bahleke bamubukele elokhu ekhuluma ngapha uyadla.....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

LETHABO T🌼

76🌼

KWABUTHELEZI🌼

UNomsa wathi makabuya kogqoka ijezi wangamufanisa nangokhalo uZodwa, wangena emgwaqeni wabheka la uZodwa bekabheke ngakhona. Wahamba waze wafika ekugcineni komgwaqo lutho ukumbona aze abuze izingane ezizidlalelayo zilandule ajike sekathukile manje. Aphenduke uhlanya nje emgwaqeni agcine sekashayela umaButhelezi ucingo alubambe, angakhoni nokukhuluma akhale.

MaButhelezi:"Kwenzenjani Nomsa?"

Nomsa:"Ngiyaxolisa ma angimtholi akabonakali uZodwa."

MaButhelezi:"Kwenzakaleni?"

Amuxoxele kuthi kwenzakaleni

MaButhelezi:"Sesiseduzane nawe buyela ekhaya sizamubheka emfuleni akukho la anganyamalala khona ngaphandle kwalapho."

Nomsa:"Ngiyaxolisa ma."

MaButhelezi:"Khululeka sesi ngeke ngikubeke icala"

Abonge aluvale abuyele egcekeni njengokutshelwa kepha uvalo luyamushaya sekangaze ahlulwe uZodwa abengamunakile ngani...

BomaButhelezi bashiye uSambulo nenkosikazi yakhe kwabo.

Sambulo:"Unesiqiniseko ma ngeke ludingeke usizo?"

MaButhelezi:"Cha ndodana hamba uyophumula sizobakahle."

Sambulo:"Kulungile ma senizohamba kahle ngiyabonga bobaba"

Buthelezi:"Kulungile ndodana"

Thwala:"Akunankinga ndodana ubekahle"

Bavalelisane bangene endlini bezwe ngomaNdlovu sekakikizela.

Buthelezi:"Bonga ndodana yonke indlela uthulile kwenzekani ngawe?"

Bonga:"Ngishawa unembeza baba izimto engindlule kuzo ziyangivakashela engikwenzile."

Buthelezi:"Hawu bandla ndodana ungazibulalisi ngekhanda, okubalulekile ukuthi sowabubona ububi balendlela obuhamba kuyo washintsha"

Abheke phambili ngoba nguyena oshayelayo

Bonga:"Mawucabanga ngiyajeziswa ngoba impilo yami imile nje?"

Buthelezi:"Uyazi empilweni ndodana amaphutha ayenzeka bese siyafunda kuwona. Wena sofundile emaphutheni akho ungalokhu uzishaya ngezinto ezenzeka kudala ngoba uthi ushawa unembeza ngezinto owazenza kusobala uNkulunkulu ukhuluma nawe. Wena vakashela lendawo othi ikushayisa ngonembeza uyoxolisa kubona. Kusho kona ukuthi labo bantu basakubuka ngamehlo okukuxwaya hamba uyoxolisa ndodana. Sekusele lokho ukucela uxolo."

Bonga:"Manje mabangangixoleli?"

UmaButhelezi uthulile yize anazo izimpendulo uchazwa indlela umyeni wakhe ayichaza ngakhona uzwa ajabula ngoba kuyabonisa ukuthi naye usekhulile emoyeni.

Buthelezi:"Okubalulekile ukuvela uzithobe ucele uxolo okuningi sekuyosala nabo, mabangakuxoleli lokho ngeke kuvale izindlela zakho kuzoba igqubu elihlupha bona. Kuwe phakathi kuzobancono itshe elisemahlombe lizosuka"

Thwala:"Mina ngihlala ngizwa kuthiwa umuntu akaphumeleli ngoba ubanjwe igqubu bamufasele inhliziyo laba abenza kabi."

Buthelezi:"Into ebamba impilo yomuntu ukungaceli uxolo ngokweqiniso, okunye ukuba negqubu ungakhoni kundlulisa izimo noma uxolele kuyayibamba impilo yomuntu. Mangiza kuwe ngixolise ngibe ngiqinisile ngokuxolisa sengikhululekile ngalokho kepha wena engixolisa kuye makunzima kuxola leyonto isiyosala idla wena.

Kunencwadi ethi kunezinkosi ezimbili ngaphakathi kumuntu kepha kukhula eyodwa kube yiyona ekuholayo ezenzweni zakho. Kukhula le oyiphakelayo uyinake kakhulu, uyilalele bese le ongayinaki iyathothobala lapho kuwe ngoba awuyiphakeli, lezinkosi ubumnyama nokukhanya. Mawunaka izinto zobumnyama buzokhula bugcwale enhliziweni yakho ube nenhliziyo embi nje. Nakulodaba mawuzohlala entweni engakwenza yona ngonyaka lowaya kuzodla wena wedwa, kuzokubamba ungakhoni kuqhubekela phambili mina ngibe ngiqhubekela phambili."

Thwala:"Ezinye izinto azixoleleki bhuti, buka lento eyenzeka enganeni yami ukudlwengulwa yinyoka manje ngiyasola lokho yikona okwenza ahluphe umyeni wakhe ngalohlobo ucabanga ukuthi kumele ngidlulise lula kanjalo?"

Buthelezi:"Yebo bhuti kudlulise ukubamba igqubu ngeke kwenze lesimo sinyamalale, eyakho inhliziyo eba nobumnyama. Incwadi encwele ithi xolela ngisho kawu 77 ngosuku xolela kuzokhululeka wena noma ngabe kunzima kangakanani. Manje umfana udliwa unembeza wokwenza okubi akayoxolisa noma bangamuthuka kepha makaxolisa ngokweqiniso lokho kuzomukhulula yena."

Bonga:"Ngiyakuzwa baba nakhu sifika mama."

MaButhelezi:"Iya emfuleni Bonga ungamisi imoto."

Andlule angasangeni uBonga bazithele esixukwini sabantu athuke umaButhelezi sekacabanga usesi wakhe. Aphume ngejubane bamulandele nabantu babuke lokhu abakubukile abafuni ukusuka.

MaButhelezi:"HAYIBO UMUNTU ANGAZE AFE NJE NGOBA NINA NITHATHA IZITHOMBE"

Abamaziyo umaButhelezi basuke endleleni kuze kuvuleke ngempela babuke uZodwa uququbele nje lapho phansi. Akasagqokile izimpahla zakhe uyaqhaqhazela ukuzwela amakhaza. Akhumule isidwaba sakhe avale ngaso amahlombe ambese uZodwa ezinqeni. Ubande waze wafana nomuntu ongenagazi wabamhlophe. Umlomo sekungathi ulambile womile.

MaButhelezi:"Hawu hawu kodwa sisi yini.."

UThwala sekabaxoshe bonke abantu basala bodwa abanenkani bamele buqamamana, bamuphakamise bamufake emotweni, isuke.

Bonga:"Siya esbhedlela?"

MaButhelezi:"Siya ekhaya akanalutho uzovuka"

Ashayele baze bafike bamehlise ayobekwa egunjini lakhe, amugcobe kahle amumbese umaButhelezi, okufuthumele. Aphume aye endlini asebenzela kuyo ayobuka amanzi. Akhuleke kancane makaqeda agoqoze, avezelwe konke okwenzekile kuZodwa kusukela abalekela uNomsa. Makaqeda asukume ayoshayela usesi wabo amazise ngokuzama ukuzibulala kukaZodwa.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

Themba:"Ningahlala phansi."

Bahlale umawakhe kunzima nokubheka indodana yakhe, uyazibuza nje ukuthi kukhona akuzwile na kulokhu bebakukhuluma.

MaBaloyi:"Ndodana ngisaxolisa ngalokhu engikushilo."

Musa:"Nami angicabangi ukuthi umama abekuqondile"

Themba:”Uyazi ngisuke inhliziyo yami ibuhlungu ngalento oyishilo ngeke ngiqambe amanga ingilimazile"

MaBaloyi:”Bengingaqondile Baloyi.”

Themba:”Angikho lapho manje, anginankinga sekudlulile.”

MaBaloyi:”Ngiyabonga mntanami ngiyabonga ngempela"

Themba:”Mama sekwanele, kukhona okumele ngitshelwe kona?”

Babukane bashintshe futhi

Musa:”Umama abefisa  kukwazisa okuthile mayelana naye kodwa isikhathi bekangasitholi.”

Kukhale ucingo lwakhe alubambe.

Themba:”NaMkhaliphi.”

Sphe:”Awubuyi kanti myeni wami.”

Themba:”Ngiyeza manje ngiphe imizuzu ewu15.”

Sphe:”Kulungile.”

Themba:”Ingabe ukahle?”

Sphe:”Ngilambile.”

Themba:”Ngizokuzela nokudla manje,.”

Themba:”Sekumele ngihambe uSphe ulambile"

MaBaloyi:”Manje uzohamba ndodana ungakasitsheli obufisa kusitshela kona, ukudla ngizomuphakela uSphe.”

Lungi:”Ngizomuphakela mina ma hlala phansi.”

Asukume uLungi ayophaka

Themba:”Mama kukhona okwenzakalayo phakathi kwakho nalenyanga uNtombela?”

Athuke umaBaloyi babhekane benoMusa, uLungile aziqinise ngathi akezwa lutho kodwa naye ushawa luvalo.

MaBaloyi:"Hawu ndodana  umbuzo onjani lowo"

Themba:"Bengizokutshela ukuthi uma kukhona okwenzekayo phakathi kwenu"

Amungene emlonyeni umawakhe

MaBaloyi:"Cha ndodana akukho"

Themba:"Angikaqedi ma."

MaBaloyi:"Ndodana."

Themba:"Ma mangabe uyafisa kujabula nobabNtombela noma mangabe uyamuthanda mina ngeke ngime endleleni yakho. Ukwenzile konke okukahle ngathi sakhula sabangaka. Ubaba umuzilele waze wakhumula inzilo noma sokhumulile wahlala futhi. Ungaze ungene ehlazweni lokufihla yenza kubesobala."

Amangale umaBaloyi lokhu akakulindelanga, bamangale bonke ikakhulukazi uLungile.

Themba:"Lungile usuqedile."

Lungile:"Ngiqedile bhuti."

Themba:"Senizosala kahle ma ngizonibona emalangeni."

Asukume

MaBaloyi:"Ndodana awazi ngimangele kungani?:

Themba:"Ungabuzi kakhulu ma, engikucelayo nje ukuhlonishwa komuzi kababa"

Athathe ukudla aphume abashiye bemangele bebukana bodwa…

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWATSHABALALA🌼

UNtwenhle athuke sekuvuleka umnyango yazi mawulele emzini wabantu uphaphama kaningana nje, awulali ukhululekile. Aphakamise ikhanda kanti isthandwa sakhe.

Ntwenhle:"Sthandwa sami."

Scelo:"Sthandwa saScelo ngithi ngizokufica ulele mina."

Ntwenhle:"Bengizumekile ngivuswa umnyango nje ngoba uwuvula."

Scelo:"Ngiyaxolisa kuhamba isikhathi esingaka"

Ntwenhle:"Khululeka uNosipho abengixoxisa kahle, kube kubi masekuyiwa esibhedlela ngabona nje ukuthi ukhathazeke ngobaba wakhe, unjani yena?"

Scelo:"Ukahle kusasa uza ekhaya"

Ntwenhle:"Buya uzolala ubukeka ukhathele ngempela."

Scelo:"Ngikhathele ngempela."

Ntwenhle:"Buya uzolalake"

Scelo:"Ngijahe kubona umama kepha manje ngeke ngikhone nokushayela"

Ntwenhle:"Qinisela sizohamba ekuseni, nala bazozwa ubuhlungu masohamba manje ebusuku."

Scelo:"Bengikhuluma ocingweni naye haaaa ungaphika kuthi ubuya kohlinzwa ngendlela angayo."

Balale ekuseni bavuke balungise basasegunjini mabaphuma bafice itafula ligcwele baze babekelwa nezitsha kuthi baziphakele.

Thabiso:"Bhungane sondela nizodla anikwazi kuhamba ningadlanga yinde lendlela."

Scelo:”Kulungile Mshengu.”

Basondele bakhonjwe la kumele bahlale khona, badle mabaqeda nje.

Mandla:”Wuuuuu nani nidla kancane kunini ngifuna kukhuluma, yabona deputy parent kumele uphele lomthetho wokuthi singakhulumi masidla"

Sipho:”Ubani udeputy parent manje?”

Mandla:”Kungaba ubani ngaphandle kwalomadevu.”

Bahleke

Thabo:”Yimina umadevu manje?”

Bahleke

Mandla:”Ubaba ubuya nini?”

Thabo:”UZuzmuzi uthe usafuna kumubheka lobusuku kuthi ubanjani, nangu udokotela wakhe omunye wenze ezibukwayo.”

Sipho:”Usebenzile ndoda"

MaThobile:”Ndodana ungowakaHadebe kuphi nendawo?”

Scelo:”Angiwuqondi ma umbuzo wakho.”

MaThobile:"Uvelelephi noma ukhulele kuphi?”

Scelo:”Ohhhhh ngivelele eMgazini ma.”

Avume ngekhanda alokhu amubuka umaThobile agcine  ashalazele uScelo, uNtwenhle naye ubonile ukuthi ubheka uScelo ngenye indlela.

Mandla:”Kwangathi anisaphethanga ngane nje iphi? Ningalinge nicabange ukuthi nizokwenza ngathi nimukhohliwe"

Bahleke

Ntwenhle:”Cha unoNqobile.”

Thabiso:”UNqobile wami?”

Ntwenhle:”Eya.”

Sipho:”Ngifuna kuyibonake le.”

Scelo:”Kanti kungani kube ngathi anikholwa?”

Mandla:”UNqobile akazithandi izingane"

Scelo:”Ngempela?”

MaThobile:”Akazizondi kodwa akekho oke wamubona edlalisa izingane"

Ntwenhle:”Uvele wayithandi le aqala nokuyibona.”

Kuqoqwe izitsha

Mandla:”Umlayezo obuya kuZuzmuzi uthi singamulanda ubaba namanje nje"

Bajabule umkakhe abe nezinyembezi emehlweni, kusukume yena kuqala aye egunjini labo kuyolanda izimpahla.

Scelo:”Thina sisacela indlela"

Thabiso:”Bhungane ngicela kuhamba nani kodwa sizoqala kubaba ngiphose iso nje.”

Mandla:”Ayikho indawo mawuhamba nabo uhlala ngemuva ugona ingane, sokhathele ukundiza na?”

Thabiso:”Awume baba Manqoba.”

Mandla:”Indodana yami vele leyo.”

Kuqhamuke uNqobile noMpilwenhle amunike umawake.

Thabiso:"Baby girl ubaba uyahamba manje."

Nqobile:"Kusele usuku olulodwa kuthi ngihambe nami, ngingahamba nawe manje?"

Mandla:"Scelo  baleka yazi abantu bakubize bathi badinga usizo ngobababo kanti bafuna kugibela imoto yakho mxm, noma bakhokhise."

Thabo:"Mandla awuhambe uyolanda ijezi lami sambeni ulokhu uhhema la."

Mandla:"Hhaaa ngeke thuma nayi ingane yakho uNqobile angifuni mina kuphuka isandla sami."

Sipho:"Sizophulwa yinike?"

Ahleke uMandla

Mandla:"Uyalazi ijezi lalomuntu lingakanani kumele ngisebenzise wonke amandla noma ngithole ingolovane ngizolifaka khona"

Abhamuke uNtwenhle sekahluleka kuzibamba

Thabo:"Nqobile landa ijezi lami liphezu kombhede sesi."

Mandla:"Wuuuuuuuu Thixo onofefe ingane izohamba iginqika la."

Akhuphuke uNqobile abuye nalo uMandla amuhlangabeze

Mandla:"Mana ubaba akusize sesi isandla sesikhathele ngiyazi."

Agijime aye kuye uNtwenhle sekaze ukhala izinyembezi uMandla makathatha ijezi likaThabo kubambeke nesandla sikaNqobile, angabe asasiyeka amubheke. Naye angalwi ngoba uyasazi isipho sika babomncane wakhe. Amubambe avale namehlo uThabiso asondele amubambe nesinye isandla uMandla, basababukile aqale avevezele umzimba wonke athuke uNqobile.

Avevezele uMandla kuze kusondele noThabo eme celeni kwabo ngoba ngathi bazowa, uThabiso makathi uyasiza ubamba indodakazi yakhe amukhuze ngesandla uThabo. Avevezele uMandla kodwa ulokhu uzibambile uzandla zikaNqobile akaziyeki, bese uyahluthuleka kabhlungu ngathi kukhona okumuphushayo. UThabiso abambe ingane yakhe noThabo abambe uMandla osojuluke wamanzi nte.

Bamulinde abuye enqondweni yakhe athule isikhathi elokhu ebheke uNqobile osoqamelise ikhanda esifubeni sababakhe.

Thabo:"Bafo"

Mandla:"Mmmm."

Thabo:"Uboneni?"

Mandla:"Impisi bafo."

Athuke uThabo abheke uNqobile nobabakhe  amubone noThabiso kuthi unokwesaba uThabo, aphushele uNqobile kuNtwenhle asondele kubo.

Thabiso:"Kwenzenjani?"

Mandla:"Ubaba masekakahle ngokuphelela ngiyeza ebukhosini okwamanje ungazikhathazi ngalutho."

Thabiso:"Ngihlale kanjani ngingazikhathazi wehla izinyembezi bafo uqeda kubona okuthile ngengane yami."

Thabo:"Nami ngizoza naye zibambe bafo akukubi."

Thabiso:"Thabo ningazongibhedela akukubi uMandla akhala"

Mandla:"Ukubanga kwakho umsindo ngeke kusize ngalutho ngobe ngeke ngikutshele manje kudinga wena nenkosikazi yakho nindawonye asambeni"

Thabiso:"Sizomushayela ucingo nje."

Mandla:"Uyanya manje."

Baphume belandelana uThabiso ahambe nendodakazi yakhe kuyolanda isikhwama ezwe eshawa luvalo ngengane yakhe, intombazane yakhe eyodwa nje, aze akhuleke ngenhliziyo. Bayongena emotweni kaScelo baqale esibhedlela. Bafice sekabalindile ubababo sekagqokile uqedile akasekho nasembhedeni.

Sipho:"Hayibo baba izigulane emibhedeni yazo wena umile."

Bamuxhawule bonke

BabThobela:"Ewami umbhede unenkosikazi yami ufuthumele hhayi lo, asambeni."

Sipho:"Hawu baba."

BabThobela:"Ndodana ufuna ngigibele kulombhede futhi akuhanjwe ngikhumbule umawenu."

Amangale makabona amadodana akhe athulile ikakhulukazi uMandla, bese kungena uThabiso noNqobile naye uThabiso ukhombisa ukudangala. Umzukulu ayoziphosa kumkhulu amuhage.

Nqobile:"You are better mkhulu I was worried sick about you."

Amoyizele bandla umkhulu kepha iso likumadodana akhe kungene noScelo.

BabThobela:"Hhaa kukhona nodokotela wami."

Amoyizele uScelo asondele amuxhawule uNqobile akasasuki esandleni sikamkhulu wakhe, uThabiso yena ukhathazeke ngendodakazi yakhe akazazi azenzeni.

Scelo:"Kunjani manje baba?"

BabThobela:"Ngiyinsizwa uyangibona ndodana."

Scelo:"Donsa umoya uwubambe kancane ngizwe."

Amubeke iminwe emibili esifubeni enze lokhu atshelwa kona aneliseke uScelo.

Zuz:”Sanibonani.”

Baphenduke bonke noZuzmuzi afike amutshele kuthi enze lento abeyicelwa uScelo bahleke bonke amangale nje uZuzmuzi.

BabThobela:”Ungamangali ndodana yazi ukuba nabodokotela abanginakekelayo ave kumnandi, ngizophinda futhi.”

Zuz:”Ohhh sekakuphefumulisile?”

BabThobela:”Yebo ndodana.”

Zuz:”Ngibhalele kwifayela ndoda, ngiyabonga ungisize kakhulu bengiqala ukudibana nento ekanje.”

Scelo:”Nami ngizokushayela mangidinga usizo"

Zuz:”Khululeka.”

Makaqeda ukubhala uScelo amunike ifayela avalelise aphume.

Thabiso:”Bhungane ngiyazi ujahe umama ngiyaxolisa kakhulu kepha bengicela ungiphe umzuzu nobaba ngimuvalelise"

Scelo:”Sizokulinda inkinga ayikho vele bengizobheka lokhu engikubhekile kuye nganelisekile"

Thabiso:”Nqobile hamba nobab Scelo.”

Nqobile:”Usale kahle mkhulu namhlanje ngibuyela ekhaya.”

BabThobela:”Kulungile sesi ubekahle uyezwa"

Nqobile:”Can I come and visit you again?”

BabThobela:”Anytime"

Amuhage futhi aphume noScelo mabelokhu behamba uNqobile uyamubuka aphinde abheke phambili.

Nqobile:"Can I ask you something?"

(Ngingakubuza okuthile)

Scelo:"Yes."

Nqobile:"Have you seen my mothers twin brother?"

(Wake walibona iphahla likamama)

Scelo:"Ive never sesi but ive heard that I look like him."

(Angikaze sesi kodwa ngiyazwela kuthi ngifaniswa nalo)

Nqobile:"You not only look like him but you are him the way you walk, the way you do things are you sure you are not him?"

(Awufani naye nje kuphela unguye ngendlela ohamba ngayo, ngendlela owenza ngayo izinto unesiqiniseko awusi nguye nje)

Ahleke uScelo amubheke

Nqobile:"I love my uncle so much even you, I love the hidden uncle in you."

(Ngiyamuthanda umalume wami kakhulu, nawe nje ngithanda lobumalume obufihlekile kuwe.)

Amugaxe uScelo baqhubeke nokuhamba sekathuswa ilezinto azikhulumayo manje sekajahe kumubona lowele wendlovukazi....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Bonke sebasemagunjini balungisela kulala

Manqoba:”Bandile.”

Bandi:”Ba.”

Manqoba:”Kunjani eskoleni?”

Bandi:”Kuyabanda lapha baba amafastela asesikoleni aphukile, futhi mina ikilasi lami alinawo nomnyango"

Manqoba:”Haaaaaa kukhona abakwenzayo kodwa abalungisayo?”

Bandi:”Angikaze ngibabone.”

Manqoba:”Ufunde uzimisele uyezwa uzokwazi kuphuma kuleso sikole.”

Bandile:”Eya baba"

Manqoba:”Umamncane wakhe unabo abangani?”

Bandi:”Angikaze ngibabone noma umkhulu amutshela kuthi ayoshawa umoya nabangani bakhe akayi"

Manqoba:”Kungani anganabo?”

Bandi:”Kukhona umngani wakhe owamushaya wamukhipha umuno wabayeka lapho.”

Manqoba:”Abemushayelani?:

Bandi:”Mina angazi ngoba sasiya estolo wavele wasisukela nje wamushaya"

Manqoba:”Manje sekawulungisile umuno?”

Bandi:”Akanawo ucikicane kusele istompi nje kodwa akusabuhlunganga.”

Manqoba:”Uyamuthanda umamncane wakho?”

Bandi:”Kakhulu uyangisiza ngezinto zesikole ngoba umama akafundanga, angithi bekahlala akhalela amadoda.”

Ahleke uManqoba

Manqoba:”Amadoda akuphi?”

Bandi:"Angazi bengizwa umkhulu makamuthethisa athi ulandelana namadoda ukhohlwa kufunda."

Manqoba:"Umamncane wakho akawalandeli amadoda?"

Bandi:"Uyawathuka"

Manqoba:"Uneminyaka emingakhi umamncane wakho?"

Bandi:"Mudala."

MaMkhaliphi amemeze egunjini lakhe.

MaMkhaliphi:"Manqoba noBandile lalani kusasa uya eskoleni angithi."

Amuphendule uManqoba naye amemeze

Manqoba:"Phephisa mamzo umlomo wami awuvaleki nabu nobuthongo abufiki"

Ahleke uBabalo egunjini lakhe bacishe balale uManqoba elokhu ezicabangela agcine sekazumeka naye. Ekuseni bavuswe uFikile sekazolungisela uBandile aphaphame uManqoba aqonde ekhishini makabona kukhanya.

Manqoba:"Sawubona sisi."

Fikile:"Hawu uvuka uyaphi ekuseni kangaka?"

Manqoba:"Awudingi usizo?"

Fikile:"Cha hamba uyolala."

Manqoba:"Angisenabo ubuthongo uBandile ungena ngobani isikhathi?"

Fikile:"Ngo8."

Manqoba:"Ngizomuphelezela."

Fikile:"Uyazi yini khona?"

Manqoba:"Angazi uzongilayela angithi."

Fikile:"Ngiyabonga bandla vele nginezinto eziningi engifuna kuzikhipha ngale"

Asondele kancane endlebeni yakhe

Manqoba:"Manje sisFikile nilungisile nobhuti?"

Fikile:"Hayisuka uthanda izindaba"

Bahleke amubheke uManqoba ubona lokufana kwakhe noNobuhle afise kumubuza ngaye abuye azibambe. Ahambe naye ayogeza ashayele uPaul.

Manqoba:"BabPaul ngicela uze kukhona la engifuna kuya khona ngo8."

Paul:"8 kumele akushayele khona noma?"

Manqoba:"Ngifuna kufika ngaphambi kwa8"

Paul:"Ngiyeza nkosana"

Manqoba:"Ubize uMnqobi ngaleyonto mina nginguManqoba"

Amoyizele uPaul ngoba abemuqala vele, adle uBandi sekagqoke umfanekiso wesikolo, makufika uPaul baphume banganaki nasendlini kuthi uhanjiswa ngemoto. Ajabule okomfana makabona kuthi uzophelezelwa ngemoto kanokusho.

Manqoba:"Uthanda ukudla ini umamncane wakho?"

Bandi:"Imilky bar uyayithanda neyoughurt yastrawberry."

Amoyizele yedwa uManqoba bamushiye esikoleni masebajika.

Manqoba:"BabPaul ungathi ngiyakweyisa"

Paul:"Ngani mfanami?"

Manqoba:"Kukhona intombazane engiyibonile la ithathe inhliziyo yami."

Ahleke uPaul

Paul:"Uqalilele."

Makamubona angahleki abone ukuthi uqinsile naye angasahleki.

Paul:"Usukhulumile naye?"

Manqoba:"Angazi ngithini."

Paul:"Amantombazane amanje ahlakaniphile muthengele lezinto umfana athi uyazithanda nezinye nje umunike. Uzothambisa inhliziyo bese uyaziqinisa umtshele."

Manqoba:"Ayyyyy babPaul uthini hhayi ngizobuza ibhubesi"

Paul:"Ubabakho?"

Manqoba:"Yebo yena wamthola umama amuhle kanje."

Ahleke uPaul

Manqoba:"Ngibeke laba ngasentabeni kunezinto engifuna kubona ukuthi ngingazithola na khona."

Paul:"Ezifana nani?"

Manqoba:"Izihlahla ngifuna kuhlanganisa ubaba lodade unenkinga yedolo"

Paul:"Manqoba wamutshela umawakho ngalento yakho yokubona amakhathakhatha uwahlanganise ulaphe umuntu"

Manqoba:"Ahhhh akubalulekanga."

Paul:"Kubalulekile uzokwazi akusize kanjani kuthi usize abantu, uyakhumbula ukuthi izinzipho zami zaziphuma wena wangihlanganisela sengiye kubathandazeli ezibhedlela kwafana"

Manqoba:"Ngokusiza abantu usho ukuthi ngisebenze njengo babThabo? Cha ngiyala kumele ngichathe nabantu yerrrrr izindunu ezingalingani ngosuku olulodwa awu ngeke"

Ahleke uPaul

Paul:"Uyabheda wena akusibo bonke abafuna kuchathwa abadinga usizo."

Behlike mabafika ngakhona bazule naye uPaul elokhu egoba ebhekisisa aze akuthole akufunayo.

Manqoba:"Sengimnandi singahamba."

Babuyele emotweni wonke umuntu ujika nayo lemoto ngoba ibhaliwe ukuthi eyakuphi.

Manqoba:"Baba ngicela ungehlise la ngizihambele."

Paul:"Hawu bengifuna kubona lengane ekugulisayo."

Manqoba:"Angifuni kuvela ngemoto khona, ngifuna mangimuthola athande mina hhayi lobukhazi khazi."

Paul:"Ukhulile ndoda umawakho angajabula kabi kukuzwa ukhuluma kanje."

Manqoba:"Ngeke angizwe ngoba uzosuke angifake uthayi angiphoqe kuthi ngiyoshumayela esontweni"

Ahleke uPaul ngempela ehlike emotweni angabonwa muntu ahambe ngezinyawo. Afike eme kancane ngasesangweni abheke isikhathi akakayi kuyobhala angene. Ezwe iphimbo lakhe angakakokodi ukhuluma nobabakhe. Amoyizele azibambe isifuba ngathi ucindezela uvalo kuthi lungaphumi akokode.

Masondo:"Ubani lowo?"

Manqoba:"Ahm yimina baba bengize noThami izolo."

Masondo:"Ohhhhhh vula umnyango Dudlane."

Alinde azibhekele phansi kuvule uNobuhle athuke ngoba abengagadanga yena uzwe kuthiwa uDudlane akavule. Eme naye uNobuhle angasho lutho asondele uManqoba.

Manqoba:”Sawubona"

Nobuhle:”Sawubona.”

Babukane uNobuhle aze abheke phansi

Masondo:”Sdudla lomnyango awuvuleki na uyakusinda wahamba wangabuya nje.”

Athuke uManqoba bangene abingelele

Manqoba:”Ngizopheka  lezinto baba kuthi ngikuthobe ngako.”

Masondo:”Cha undodakazi uzokupheka yena mulayele nje enzenjani.”

Manqoba:”Baba ngicela kuzenzela mina undodakazi uyabhala nje mangizwe kahle, makasaqedile umsebenzi wakhe angakhululeka.”

Masondo:”Kulungile Dudlane mukhombise iziko umkhiphele nembiza azopheka ngayo.”

Afulathele uNobuhle amulandele bayongena ngale ekhishini amukhombe isitofu.

Manqoba:”Ngiyabonga"

Nobuhle:”Nayi nembiza.”

Manqoba:”Amanzi”

Nobuhle:”Ngizokufakela"

Awathele amubekele imbiza eziko uManqoba sekamubukile nje umukhamisele.

Nobuhle:”Kusekhona okunye?”

Manqoba:”Cha.”

Makathi uyafulathela.

Manqoba:”Dudlane.”

Amubheke

Manqoba:”Ngicela kukuphelezela mawuyobhala.”

Nobuhle:”Kukude eskoleni sami ngeke ukhone.”

Manqoba:”Ungakhathazeki ngami ngicela kuphelezela nje"

Nobuhle:”Kuncono ungilande eskoleni ngoba ngizobhala ngo2 iphepha lamahora amathathu nje ngizobuya ekhaya sekuhwalele kanti kunabafana abanokuma la enginqamulela khona bayathusa.”

Amoyizele

Manqoba:”Ungathukuthela mangingakuphelezela mawuya bese ngiyakulanda?”

Abheke phansi uNobuhle

Nobuhle:”Mina ngikudinga mangiqeda mangabe wena ukhetha ukuza mangisaya kukuwe.”

Afulathele

Manqoba:”Dudlane ngizokulinda lapha esitolo.”

Angaphenduli kepha amuzwe amubuke aze ayosithela, achazwe igama lokuthi uzomudinga mmmmm UZOMUDINGA, ingqondo ibuyiswe ukukoka kwamanzi ahlanganise izinto zakhe.

Masekuphekekile waneliseka  ayisuse imbiza aye kuMasondo. Afike acoshame ngakuye amukhwice umlenze webhlukwe. Alithinte ngesandla

Manqoba:"Kuzobabuhlungu baba"

Masondo:"Kade kwasa umuntu ezwa ubuhlungu ndodana yenza into yakho."

Amuqalele amuthobe abuzwe nobuhlungu umntomdala kepha aqinisele aze aqede.

Manqoba:"Ngizoza kusasa ngizokubheka"

Masondo:"Yoooo kuyababa ndodana ungakhona ukungiyisa egunjini lami?"

Amusukumise abambezele ngaye baye egunjini lakhe amubeke phezu kombhede

Masondo:"Yoooo kubuhlungu."

Manqoba:"Namuhla uzolala ngiyaxolisa ngobuhlungu obuzwayo manje."

Masondo:"Ndodana ngicela ukhiye uze ngakulefastela elinomhlobiso ngaphandle uphose isikhiyo sona uzosibona uDudlane."

Manqoba:"Ngicela kukushayela namuhla baba ngikuhlole zinjani izinhlungu."

Masondo:"Nalu ucingo lwami lapha."

Aluthathe azishayele yena bese ubhala uNobuhle akekho abhale Dudlane nawa amanombolo awathathe, abeke ucingo phansi uMasondo sekavale amehlo. Abuke lesithombe esisobondeni nguyena ubabMasondo kanye nowesifazane ogqoke ilokwe lomshado ofana noNobuhle kepha isithombe esakudala simhlophe nobumnyama. Eme asibheke abuye abheke ubabMasondo sekazumekile ngempela aphume akhiye aqonde kulefastela legumbi likaNobuhle livulwe kancane.

Manqoba:"Dudlane."

Asondele efasteleni ngokudideka

Manqoba:”Nawu ukhiye ubaba uthe ngikhiye ulele manje ngiyaxolisa kukuphazamisa.”

Avume ngekhanda.

Manqoba:”Manje u11 ngizokubona maduzane"

Nobuhle:”Kulungile ngiyabonga ngokusiza ubaba.”

Amoyizele uManqoba afulathele sekabuyela kaMkhaliphi nabo bamangale nje ukuthi ubuyaphi.....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

LETHABO T🌼

77🌼

MANQOBA🌼

Makabona isikhathi sesiya ngakhona azilungise agqoke ezinye izimpahla bese uya kuThami.

Thami:"Ngiyaphuma kancane"

Thami:"Uyaphi?"

Manqoba:"Ngiphelezela uNobuhle kuya eskoleni."

Thami:"Ekuseni ubunyamalele khona?"

Thami:"Senikhulume nini?"

Manqoba:"Ndoda ngicela ungangihleki lomntwana ngiyamncanywa"

Thami:"Ngikubonile ngihamba nawe."

Manqoba:"Hayibo manje sizokhuluma kanjani nawe phakathi  bengingakumemi bengikutshela nje kuthi ungamangali senginyamalele"

Thami:"Ngathembisa umawakho kuthi ngizonigada ungakhathazeki uNobuhle ngeke angibone nakancane. Makangangibona futhi izomosheka yonke lento ngeke asakhuluma nawe ngoba uhlonipha kakhulu."

Manqoba:"Uphi uMnqobi?"

Thami:"Uphume nobaba uthe ufuna kumukhombisa emlanjeni."

Ashintshe naye ngokushesha mabaphuma nangu uBabalo uhlezi ngaphandle unabile amubheke uManqoba amuvayisele baphume.

Manqoba:"Usesi wakho unenkinga yani?"

Thami:"Nami anginaso isiqiniseko kahle indaba yakhe ayizwisiseki noma bayangifihlela, ehhhh Skhumbuzo awusifake izinyawo."

Amemeze umfana ohamba phambi kwabo

Skhumbuzo:"Niya va?"

Thami:"Lentwana iyohlola umntwana manje nawe uyacava."

Skhumbuzo:"Sho."

Amuhleke basondele kuye abazise kepha angafaki ukuthi owasebukhosini ngoba akafuni uManqoba.

Skhumbuzo:"Hayimaaan wena ubusedladleni manje nethayma."

Ahleke uThami

Thami:"Iwele lakhe lelo."

Skhumbuzo:"Yooooo niyafana kunjani kuba babili vele."

Manqoba:"Kukahle kodwa sithanda izinto ezihlukile."

Skhumbuzo:"Hayi vele leya ayibukani ngiyibonile amehlo mawaye wahlangana liyasabeka elakhe elakho likahle."

Manqoba:"Ya unjalo kwakudala kodwa akanayo inhliziyo embi njengeso lakhe. Akabhedelwa futhi manje ukhipha isibhamu ufe nya mawudlalela kuye."

UThami amumangalele ngoba uyazi uqamba amanga phela manje.

Skhumbuzo:"Serious ndoda?"

Manqoba:”Hhey akadlali lomuntu ubuya phakathi ejele ukubulala umuntu owayezama kugqekeza edladleni.”

Skhumbuzo:”Yoooooo kuyazisho vele unesithunzi esisabisayo. Manje ubani lomntwana eniyomubona?”

Thami:”Nobuhle Masondo.”

Ahleke uSkhumbuzo

Skhumbuzo:”Jikani ndoda ngoba lomntwana uzonikabha ngezinhlamba uzwe ngathi inamathele kuwe ubazonda kabi abafana uNobuhle.”

UThami abheke uManqoba amubone echazekile.

Thami:”Manje uthini ndoda sizoba umthunzi wabo intwana yami ayiyazi lendawo manje ngithembisile kubo kuthi ngizobabheka.”

Skhumbuzo:”Sho ntwana vele ngifuna kuhleka masebamukabha ngezinhlamba"

UManqoba amoyizele ngoba uyakhumbula kuthi uBandile umtshelile ngokuthukana kwamamncane wakhe. Mabafika ngala abathembisene khona boThami bandlule alinde kancane abe aqhamuka uNobuhle. Ashawe luvalo uManqoba afake izandla zakhe emakhikhini amulinde. Amubheke azigedlele yena ngoba usasebuqamama. UNobuhle muhle mufishane konke kulingene kuye uthanda konke okwakhe nje. Masekaduzane amoyizele alule isandla kuthi amubambele isikhwanyana asiphethe, akhangwe izinwele zakhe ezinde zilele kahle zaphushelwa emuva cishe zifika emahlombe zimunyama bhuqe.

Nobuhle:”Sawubona"

Manqoba:”Nkosazana unjani?:

Nobuhle:”Ngiyaphila.”

Manqoba:”Awusigcinanga isikhathi.”

Nobuhle:”Sengifikile nje asihambe"

Manqoba:”Unyawo lwakho luncane ugqoka ubani esicathulweni.”

Uzibuke ngoba ugqoke amasendlisi kuvele neminwe egcotshiswe kahle ngepholishi yezinzipho, imuhlophe bha.

Nobuhle:”Wonke umuntu usho njalo ngigqoka u3"

Manqoba:”Kusho ukuthi ngikuphinda kawungakhi nje, beka unyawo lwakho celeni kwelami ngibone?”

Ashalazele uNobuhle kepha ahleke makabona isicathulo eside esilaphaya, bahambe elokhu emuhlekisa yonke lendlela.

Nobuhle:”Ngenkathi nifika ekhaya nobhutThami okokuqala ngezwa kukhulunywa indaba yasebukhosini. Ingabe ubuya ebukhosin?”

Manqoba:”Kungani ubuza?”

Nobuhle:”Ukuthi kuyaziwa la eluhlaleni kuthi ubhutThami wahamba nendlovukazi yasebukhosini enhle, manje bengibuza nje.”

Manqoba:”Mangabe ngiwakhona kungaba nenkinga?”

Nobuhle:”Enkulu, abantu basebukhosini baganwa kaningi nje kuhlala kunombango angifuni mina kugana ebukhosini. Abamazi omunye umuntu ngoba baphila impilo ephambili"

Manqoba:”Nami angiyithandi impilo yasebukhosini, Nobuhle"

Nobuhle:”Awusangibizi ngoDudlane manje?”

Manqoba:”Igama ubaba akudlaisa ngalo mina bengikucala nje.”

Nobuhle:”Ubaba ongibiza ngalo vele kodwa wena ulibiza kamnandi"

Manqoba:”Kanjani?”

Nobuhle:”Akuchazeki nje isizulu sakho ngathi ujwayele kukhuluma isingisi.”

Manqoba:”Ngicela kukubamba ngesandla.”

Nobuhle:”Ahhaaa hayibo abantu bazotshela ubaba"

Manqoba:”Wena awuhaleli kodwa?”

Nobuhle:”Asisheshe nali itekisi lizosishiya"

Bafike bagibele kusele emuva abantu abasithandi lesihlalo sangemuva, uManqoba ababone nje boThami celeni komshayeli kodwa bahlezi bathulile. Isuke itekisi bayazixoxela nje uManqoba ujabulile, masebehla vele basesangweni lenyuvesi yakhe.

Manqoba:”Hawu kanjalo nje sesifikile"

Nobuhle:”Eya sizohamba ngezinyawo mangiphuma kuyahambeka uma ufuna sihambe indlela ende"

Manqoba:”Isikhathi sisekhona ngikuphelezele?”

Nobuhle:”Singangena kepha bazofuna id yakho esangweni.”

Manqoba:”Umsebenzi ongaka uzongithola la ubhale kahle.”

Nobuhle:”Ngiyabonga ngizobhala kahle namuhla ngiyaqeda kubhala"

Abandlulayo bayababuka naye uyabona kuthi kuzaze kuqhamuke owaziyo ngemvelaphi yakhe, agqoke isigqoko abedlala ngaso sonke lesikhathi. Afulathele uNobuhle angene esangweni amubheke aze ayosithela.

Nogada:”Haaaa Mshengu Tshabalala sabusiswa ubukhona bakho emagcekeni esikole ingabe sigeze ngani?”

Enze ngathi akezwa uManqoba azihambele nalonogada azitshele kuthi ufanisa abantu, baqhamuke boThami nomngani wakhe.

Thami:”Manje ndoda sizolinda la kanjalo nje.”

Manqoba:”Ndoda ngilinde inkosiakzi yami ngeke ngihambe la.”

USkhumbuzo azishayele ikhwele, bahambe bayohlala kwenye indawo kugezwa izimoto khona. UManqoba makabona ukuthi abamazi abaqale ngamahlaya bahleke nabantu abalethe izimoto sekayabasiza khona lapho...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

UScelo bangene emotweni noNqobile ahlale ngemuva kusale indawo phambili, emva kwemizuzwana baqhamuke boThabiso nobaba wabo. Bona bayongena emotweni yabo uThabiso azongena kweyaScelo.

Thabiso:"Ngiyaxolisa Bhungane singahamba."

Scelo:"Akunankinga."

Bayishosholoze imoto bexoxa lokhu  nalokhuya uThabiso akhiphe ucingo lwakhe achofoze alubeke endlebeni.

Thabiso:"Sthandwa sami sesiyasuka manje"

Thobile:"Kulungile ngizobona ngani manifika ubaba usekhaya manje?"

Thabiso:"Ya uphumile, ngiza noNqobile ngoba vele iflight yakhe ikusasa kuyafana nje."

Thobile:"Akunankinga kuthulekile vele ngoba boManqoba bengekho, ngihlezi nomama nje."

Thabiso:"Ukube nganqaba bahambe moso mawuzohawula kanje"

Thobile:"Kuncono sibe nenye ingane ezongichithisa isizungu."

Ahleke uThabiso

Thabiso:"Mangifika nje lapho ungikhumbuze"

Bavalelisane baqhubeke nohambo lwabo....

Emva kwamahora amane bafike sebalindelwe vele, makabona imoto uThobile athumele isisebenzi silande umama Scelo. Bangene kanti nomama uyasondela uScelo amubuke bese ubheka uThobile.

Thobile:”Umangazwa amabhandishi kuthi asafasiwe?”

Avume ngekhanda uScelo

Thobile:”Asihlaleni phansi ngizomuqhaqha udokotela wakhe wangibonisa kuthi ngenze njani, ufuna kubona wena kuqala.”

Scelo:”Hawu kodwa mama"

Avule izandla zakhe umama Scelo indodana yakhe isondele kuye bahagane

MaScelo:”Uphi umndeni wakho?”

Scelo:”Naba uyakhala umakoti wakakho.”

MaScelo:”Ngane yami bengixoxela indlovukazi umusa owangenzela wona ukube akusinguwena ngabe angikho la, ngifuna kukubona kanti uzokweba nenhliziyo yendodana yami"

UNqobile naye unabo kepha ume celeni kwababa wakhe umugaxile, bahlale phansi. UScelo ahlale abhekane nomawakhe uThobile elokhu emuqhaqha aze aqede amehlo uwavalile. Emva kwesikhashana awavule acwayize kaningi. Bonke abamubukile sebaphefumulela phezulu bathukile kuthi kungenzeka akakaboni ngesikade azizwe ukuthi awasalumi amehlo akhe awavule.

Awakhiphe wonke abheke indodana yakhe angacwayizi ngokuthuka uScelo azinwaye ekhanda makabona amehlo kamawakhe elandela isandla sakhe ajabule aziphose kuye amuhage.

Scelo:”Mama uyabona.”

Kwehle izinyembezi bonke sebayakhala ngaphandle kwaThabiso.

MaScelo:”Ndodana yami Bhungane kaNsele Makhulukhulu waze wakhula ndodana. Nkosi yami ngiyabonga ngalokhu, ngiyabonga Somandla.”

Bamuyeke azidelise ngokubuka indodana yakhe abuye ayihage aphinde abuke ngesikade.

MaScelo:”Ntwenhle wami buya ngibone lomaqinasi"

Asondele naye abeke isandla emlonyeni umama Scelo aze asukume.

MaHadebe:”Ave umuhle Ntwenhle hayibo manjee ukhalelani kanti uqinile.”

Bahleke ngapha kwehla izinyembezi athathe uMpilwenhle naye amuthokolele amuqabule.

Thobile:”Well ma mina angisakhoni kuzibamba singavela?”

Bahleke makasondela asukume uScelo amele kude amubuke umawakhe, uScelo afifiyelise amehlo. Makusondela uThobile asukume umaHadebe kuze kuwe nesihlalo abehlezi kuso, ahlehlele emuva, azibambe esifubeni ngoba manje uphefumula kanzima uzama kuzibuyisela endleleni ekahle yokuphefumula. Badideke babukane bonke.

Scelo:”Mama ukahle?”

MaHadebe:”Izono zami zingificile Scelo ukube ngihlale ngangabona kanjalo ngize ngiyofa, yini kodwa le.”

Thobile:”Hawu mama kodwa ngiyaxolisa thina sikujabulela ukuthi usuyabona ungakhulumi amagama abuhlungu kanje?”

MaHadebe:”Nguwena indlovukazi? Nguwena iphimbo lakho leli elikhulumayo.”

Babukane uScelo amudonse kahle azomuhlalisa phansi, ulokhu ubheka uThobile ongasazi kwenzakalani.

MaHadebe:”Ndlovukazi ngiyabonga umusa wakho kepha sengidideke ngangazazi ukuthi ngithini, uHadebe isibongo sasemshadweni?”

Thobile:”Cha ma uTshabalala esasemshadweni"

MaHadebe:”Ingabe uHadebe esakho sokuzalwa?”

Thobile:”Eya ma.”

MaHadebe:”Ubani ubaba wakho?”

Thobile:”Mama uyasithusa.”

Thabiso:”Nqobile landa isithombe samkhulu lesi esisebondeni ephasijini, kuncono uzibonele isithombe.”

MaHadebe:”Lokho  kuncono kakhulu ndodana.”

Abuye uNqobile nesithombe esikhudlwana asinike umawakhe, uThobile asinike umama Scelo. Asibuke athuke akhiphe wonke amehlo kuye. Athuke kuze kuvevezele izandla masiphunyuka isthombe asibambe uScelo. UThobile agijime ayokha amanzi awafake ushukela abuye bamuncenge noNtwenhle bamuphuzise.

Thobile:”Mama akumele uzenze kanje akunankinga makungakhulumeki sizozwisisa kuncono uyophumula.”

MaHadebe:”Cha sesi ngangazi ukuthi losuku luzofika kepha bengingacabangi ukuthi luzofika indodakazi yami ingasekho kulomhlaba. Scelo ndodana ngicela ungangizondi.”

Angaphenduli uScelo ngenxa  yalomuntu amubuke esithombeni,  ugqoke ibheshu uhambaze phezulu uphethe isagila. Usendaweni engathi imahlathi usemuncane kodwa uyabonakala. UScelo ubuke lesithombe uzibona yena uze ubona izibele zakhe ngendlela ezingakhona, zime ngenye indlela ngathi zake zancelisa njengezakhe ziphumile.

Scelo:”Mama.”

Thobile:”Ngicabanga ukuthi ayolala umama kancane Scelo.”

Scelo:”Mama kwenzakalani?”

MaHadebe:”Ndlovukazi bakhona abantu abadala bomndeni wakho wakwaHadebe?”

Thobile:”Abekho ma abakaze bazisondeze angibazi nje yimina newele lami"

MaHadebe:”Ngicela sihlale phansi.”

Bahlale aqale abheke indodana yakhe odidekile akakhulumi manje afifiyele abheke umawakhe.

MaHadebe:”Ihlazo leli engizonitshela lona Nkosi yami ngiqala nokubona, Scelo ngiyaxolisa ndodana.”

Azithulele angaphenduli

MaHadebe:”Ngahlangana nomuntu wakaHadebe ngiseyintombi sathandana saze sashada. Emva kweminyaka eyishumi sishadile silokhu sizama ukuba nezingane kunzima. Umamezala wami nomndeni wonke bangibiza ngenye imini bathi umyeni wami nguye yedwa indodana manje ngoba singenabo abantwana lesibongo sesizofa kanjalo.”

UNqobile sekaphumile noMpilwenhle

MaHadebe:”Kukhona owesilisa owayehlala khabo myeni wami naye wathathwa ngoba enganawo umndeni, futhi kungowakwaHadebe. Afike waxhumana nomndeni kwaba ngathi ungowakhona bomamezala bangihlanganisa naye bamucela ukuthi akangizalise ngoba besebazwile ukuthi umyeni wami onenkinga. Lomlisa wakwaHadebe wayenoswane lwentombazane wayesizwa yimina ngengane yakhe.

Kwaba kanjaloke ngakhulelwa, kwabanzima kuye emva kokuzwa ukuthi ngikhulelwe. Wathi uyazithanda izingane zakhe ngeke akhone kuthula futhi wayengasakhoni kubuka umyeni wami. Phela base bezibona njengomuntu nomfowabo. Wabese uyahamba nendodakazi yakhe nakhona sekathole umsebenzi edolobheni. Indodakazi yakhe beseyikhulile kancane inezinyangana.”

Athule aphuze amanzi kancane

MaHadebe:”Ngabeletha intombazane mangiyibuka nayo yavele yafana naloswane ayehamba nalo, kepha hhayi kakhulu kwakubonisa nje ukuthi abantwana bomuntu. Umyeni wami waphinde wakhalela indodana kwabanzimake manje. Bamufuna baze bamuthola ngoba kwakwaziwa ukuthi usebenza kuphi. Waqale wanqaba athi sekanenkosikazi manje, kepha wagcina avuma.

Njalo abeza njengomuntu ovakashile ngobunye ubusuku wanginika lesagila wathi ucela ngisinike indodana yakhe mayivela ngoba angeke akhone kuyikhulisa. Sona lesagila asiphethe esithombeni, lesithombe wasithatha ahamba nomyeni wami babuya komunye umshado.”

Kuthuleke du nya kube uThobile nje ochiphizayo nomyeni wakhe sekamuphulule emhlane waze wamuyeka, asukume uScelo aqonde emnyango.

MaHadebe:”Ndodana"

Amuphendule angamubhekanga usabheke emnyango.

Scelo:”Ngeke ngakwehlulela ma ngangingekho makwenzeka konke lokhu. Anginawo futhi amandla okukwahlulela qha ngibuhlungu. Angeke ngenze into enobungozi ngifuna kuphuma nje ngibe ngedwa.”

MaHadebe:”Ngiyabonga amazwi akho ndodana.”

Thobile:”Ngicela kuhamba nawe Scelo awuyazi lendawo.”

Scelo:”Cha”

Thabiso:”Bhungane uqaphele bazokufanisa noMbongeni  ungamangali"

Aye kuNtwenhle amuqabule aphume amudabukele uNtwenhle uyaqala kubona uScelo enje, asondele kumamezala wakhe.

Ntwenhle:”Buya uyophumula mama"

MaHadebe:”Ngiyaxolisa ndlovukazi”

Thobile:”Cha mama nginobhuti omunye uyazi kuthi kujabulisa njani, ngiyacabanga futhi yimina loswane ubaba ayehamba nalo. Ngathi mangiqeda kuvela bamuqambela amanga abakhabo mama bathi ushonile makangibeletha akangithathe, babengamuthandi ngoba ezisokolela.

Wahamba nami ngiyiswane ngisebomvu nenongwane ingakawi. Manje ukukubona ukuthi nawe wafaka isandla ekusizeni ubabami ngami ngiyakuhlonipha ma kakhulu.”

Aguqe phambi kwakhe alalise ikhanda lakhe emathangeni akhale, uThabiso asukume abize uNtwenhle kuthi babashiye baphumele ngaphandle. Atshele izisebenzi kuthi zingangeni akafuni kubonakale indlovukazi ikhala. Mabafika ngaphandle uThabiso abize bonogada ababili.

Thabiso:”Ubhuti wendlovukazi nimubonile uphume wayangaphi?”

Nogads:”Uqonde kulendlela eya eskoleni.”

Thabiso:”Mulandeleni kepha anganiboni indlovukazi imufuna aphephile"

Bavume baphume ngesango uNtwenhle azizwe engenawo amandla okuxolisa isthandwa sakhe, aze afise ngabe umulandele.

UScelo wahamba eshaya kancane emgwaqeni ngempela abantu ngendlela abamubuka ngayo kuyabonakalisa ukuthi bayamufanisa. Abanye baze bamubingelele bagobe kancane, kuye kubuhlungu ngoba umuntu abamubuka njengobaba wakhe bekungasiye kanti wayebathanda.

Kubuhlungu kuthi udadewabo wafa kabhlungu kanti uyinkosazana. Kubuhlungu ngoba akamazi ngamehlo ubaba omzalile futhi ngeke aphinde amubone. Ubuhlungu ngoba naye wakhulela ezintabeni ebaleka njengoyise owamuzala. Okumlimaza kakhulu ukuthi uhlupheke yonke iminyaka le wahluphekisa nomama kaMpilwenhle kanti unawo umndeni wakhe wangempela.

Indlovukazi uThobile ifana nomawayo kepha ikhona kubaba wayo ngoba nakhu ifana nodadewabo ongasekho. Ahambe aze ahlangane netshe elikhulu ahlale kulo zehle izinyembezi zilandelana akasanake lutho noma bayamubona abantu noma njani ngoba uyakhala manje…….

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMGAZINI🌼

UBiyela uqeda kufika nenkosikazi yakhe babuya esitolo sabo basahlala nje phansi, abe sekakhuleka uNtombela ngaphandle. Bamuvulele angene babukane mababona indlela agqoke ngayo uNtombela, umaBiyela afunde kwezakhe ukuthi akafuneki la aphume. Indodana yakhe inkosi ingene nayo uNtombela angakahlali naphansi.

Mlu:"Hawu baba waconsa kangaka phela manje kuzothiwa nguwena isoka thina simakhehla."

Amoyizele uNtombela vele ahlale esitulweni abheke uBiyela nje.

Ntombela:"Unehaba nkosi yami.."

UBiyela ahlale phansi naye

Biyela:"Uyazi ukuthi kunomama abelokhu aya lapha  kwakho elidala akufuna ngezinsuku owawungekho ngazo."

Ntombela:"Ngabona kuthi kukhona bekakhona, uzobuya nkosi endala."

Biyela:"Tshela mina masoconsa kanje ulibangisephi?"

Ntombela:"Kunzima nkosi yami inhliziyo ingihlasele."

Biyela:"Ufuna kubuyela emuva? Kanti ubani lowesifazane?"

Ntombela:"Eyyyy nkosi yami akusebenzeki ngoba ayyyyy eish."

UMlungisi abheke ubaba wakhe bamoyizelelane.

Biyela:"Kukhona okudingayo Ntombela?"

Ntombela:"Yebo nkosi yami endala"

Mlu:"Baba kuyazicacela ukuthi wena inhliziyo yakho isibone uphathina wayo thina ngeke sikuvimbe, uma kukhona okudingayo khuluma baba"

Ntombela:"Njengoba inkosi yami yazi nje ukuthi."

Kukhale ucingo lwakhe makalubheka amoyizele yedwa, bamubheke uBiyela nendodana yakhe phela bona basalindele ukuzwa akudingayo……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABALOYI🌼

UmaBaloyi kwathi makuhamba uThemba naye wasukuma waqonda egunjini lakhe, waphinde wabuya.

MaBaloyi:"Ndodana kusasa ngicela uvuke ekuseni uzongiphelezela."

Musa:"Kulungile ma"

MaBaloyi:"Sengiyolala manje"

Lungi:"Mama ngiyaxolisa kukweyisa"

MaBaloyi:"Ungeyise ngani manje?"

Abheke phansi

Lungi:"Ngendlela engikhulume ngayo nawe ngendaba kababNtombela."

MaBaloyi:"Khululeka ngane yami uyazi umama uyandlulisa angithi sikhulumile."

Lungi:"Ingabe umama umamukele ngokugcwele umyeni wami? Ngibuza ngoba ngizwe amagama akho ngaye"

MaBaloyi:"Ngiyasizwisisa isimo ayekuso, lento ngiyishiso ukuthi ngifuna uzwisise isimo mina engikuso."

Amoyizele asukume ayohaga umawakhe, bahlukane bayolala.....

Ngempela kwathi kusa nje umaBaloyi wavuka wazilungisa nendodana yakhe bangena indlela, elokhu emulayela kuthi ajike kuphi.

Musa:"Mama ubukeka ujabulile"

MaBaloyi:"Isimanga nayi indodana yami ibuyile ekhaya emva kweminyaka engaka. Ngingahlala njani ngingajabuli."

Musa:"Nami ngijabulile ma kodwa kunesikhala kimi phakathi angazi ngizosisusa njani"

MaBaloyi:"Esani ndodana?"

Musa:"Angazi ma angazi ngempela."

MaBaloyi:"Jika khona la ndodana."

Ajike amangale masebafika esangweni kuthi babuyele kalomama wezimanga, bavulelwe isango bangene.

MaBaloyi:"Uzongilinda kancane mfanami."

Musa:"Kulungile ma."

Amubuke umawakhe aholwa omunye wesifazane bayongena kulendlu ababekuyo mhla kuphuma amaqiniso. Asalindile nje sekeme ngaphandle emotweni kuqhamuke bobaba ababili ababheke. Aphazanyiswe omunye wabo amubheke aze ashawe luvalo, beze kancane bazondlula ngakuye beme celeni kwakhe. Amehlo akhe anamathele kulobaba acabanga kuthi uyamazi kodwa akazi kanjani.

Buthelezi:"Hawu ndodana unjani?"

Musa:"Ngiyaphila baba"

Buthelezi:"Umngani kaSambulo lo uThemba kusukela bakhula nje usefana nendodana kimi"

Avume ngekhanda uThwala kepha umangalele ukuthi umubukani kangaka, uyabonakala kuthi umangele futhi. Naye amubheke uThwala mhlawumbe uyamazi ayyy ukhumbula kuthi wamubona nje ebukhosini.

Thwala:"Uphinde abe ngumngani wenkosi yaseMgazini?"

Buthelezi:"Yebo"

Bamushiye lapho emangele kwazi yena yedwa kuthi umangazwe yini...

Ngaphakathi endumbeni kamaButhelezi afike ahlale phansi  umaBaloyi amubuke umaButhelezi.

MaBaloyi:"Mam' Buthelezi"

MaButhelezi:"Kudala ngakulinda anjani amadodana?"

MaBaloyi:"Akahle."

MaButhelezi:"Inhliziyo yakho isabalele ma"

MaBaloyi:"Yingakho ngila."

MaButhelezi:"Kumayelana nothando olugcwele kuwe?"

Avume

MaBaloyi:"Wena ususebenze kaningana nalobaba ngizohlola kuwena ingabe ungumuntu okahle na?"

MaButhelezi:"Mawabo inhliziyo maseyifuna okwayo noma ngingakutshela into engaka ethusayo ngaye ngeke uzwe"

Amoyizele umaBaloyi.

MaBaloyi:”Kona kunjalo.”

MaButhelezi:”Ngiyakubona uthathekile kakhulu futhi kodwa kukhona okumele ukwenze kuqala ngaphambi kokuthatha lohambo lothando"

MaBaloyi:”Ngilalele”

MaButhelezi:”Indodana yakho uMusawenkosi ujabulile yena kuthi uthole umndeni wakhe, ikakhulukazi kuthi unobhuti nosesi into ayeyifisa kwakudala. Ujabulile kuba nomama omzalayo kepha unembobo enkulu ngaphakathi kuye"

MaBaloyi:”Ushilo yena kuthi unesikhala kodwa akazi esani nje ngizosivala kanjani?”

MaButhelezi:”Uyazi kodwa akafuni kusho ngoba abona ngathi uzobe akuvalela injabulo yakho. Udinga uyise ngendlela emangazayo. Indodana yakho iyamudinga uyise ikhala ezimathonsi. Kuye kusha ukuthi ubaba wandlula kulomhlaba. Emoyeni ulimele udabukile uyamufisa uyise wakhe"

MaBaloyi:”Mina ngizomusiza kanjani ngoba akasekho ubaba wakhe.”

MaButhelezi:”Endabeni yenhliziyo yakho shayela uNtombela ucingo umazise impendulo yakhe bese uyamutshela kuthi usalungisela indodana yakho akakunike isikhathi. Uzohlala angezi wena xoxela indodana ngobaba wayo. Ukuthi wayenjani yini ayengakuthandi yini ayekuthanda. Lokho kuzobonakala kukuncane kuwe kepha kuye kuzodlala enkulu indima le. Uzokwazi kuzenzela isithombe sobudlelwane ayezoba nabo noyise. Muhambise zonke izindawo ezazithandwa uBaloyi emva kwalokho nawe uzomubona injabulo emehlweni akhe. Uzophila naye njengabobonke, naye uThemba umtshele amuxoxele ngoyise. Ingane kaThemba le ezayo bazokhonzana nayo ngathi indodana noyise. Sizovaleka isikhala sezingane futhi.”

MaBaloyi:”Mmmmmm.”

MaButhelezi:”Indodana yakho inothando olumangazayo kepha usizi lwakhe lumusithile futhi yingakho angakahlangani nongqo wakhe ngoba ngeke akhone kumthanda yena angazazi kuthi uya phambili noma emuva. Mubambe ngesandla njengezinye izingane zakho umudedele sekanelile. Emva kwalokho uzoya ekhehleni lakho lizozwisisa futhi. Nalo lizodlala enkulu indima le kumadodana akho.”

MaBaloyi:”Ngizwile ndodakazi kaNkulunkulu ngizwile futhi ngizokwenza nje ngokusho kwakho.”

MaButhelezi:”Ukuphendula umbuzo wakho oze ngawo la uNtombela uyindoda eqotho kakhulu onesineke futhi kodwa naye udinga usizo ngendodakazi yakhe. Lokho uzozibonela maseni ndawonye naye. Uyahlonipha futhi kakhulu kepha unesithunzi engingasithandi kuye. Ngake ngaphenya emoyeni ngalesithunzi ngathola imbangela yaso"

MaBaloyi:”Uyangithusa"

MaButhelezi:"Unothando lwezinyoka mhlawumbe ukuba khona kwakho empilweni yakhe luzosusa lothando lwakhe lwalesilwane. Noma akukho nkinga ukuthi mina nje angizwani nenyoka"

MaBaloyi:"Uthi kuzolunga nje?"

MaButhelezi:"Mutshele okuzwayo ngaphakathi konke kuzozenzakalela."

MaBaloyi:"Isipho ngisibeka khona la phansi?"

MaButhelezi:"Kunebhokisi elincane esangweni faka lapho  akubongwa."

MaBaloyi:"Akubongwa"

Aphume aqonde kwindodana yakhe makangena emotweni uyayibona ukuthi ijulile.

MaBaloyi:"Wuuuu kahleni bo umhlolo wani lo oyiwo ebusweni manje, mina ngizokubuyisela kuLiewe Heksie mawuzongikhumbuza umyeni wami kanje."

Amoyizele kakhulu uMusa abuke umawakhe abone lapho umaBaloyi ukuthi ngempela udinga ubaba wakhe. Nakhu agcwala intokozo ngathi ingane ebona uswidi.

Mus:"Ngani ma?"

MaBaloyi:"Indlela obuhlezi ngayo ndodana ubaba wakho makukhona okumphazamisile wayegaya umlomo ngamazinyo njengoba wenza nje. Hlehlisa imoto ume lapha esangweni ngibeke isipho sokubonga."

Musa:"Isipho sokubonga?"

MaBaloyi:"Yebo imali kodwa akasho malini umunika lokhu onako"

Musa:"Lomama kumele ngabe uyabiza unesipho esingajwayelekanga."

Akhiphe umaBaloyi uR100, indodana yakhe ikhiphe nje maR100 kanye nama R200 ahlangene anike umawakhe kuthi afake. Bayifake kulebhokisi baphume.

Musa:"Siyaphi manje?"

MaBaloyi:”Njengoba singapha asiye kulesitolo senyama ubaba wakho wayethanda ivoso lakhona mina ngingalithandi. Ngifuna kulithenga ulizwe linjani ngiyazi uzoba kwicala lami ngoba libaba usawoti alidleki"

Musa:”Uzoba senkingeni ma ngoba mina ngiyalithanda ivoso okwesibili nosawoti ngiyawuthanda.”

Ayibuke indodana yakhe njengoyise wayewuthanda usawoti uthi uphekile umunike ukudla awuthele futhi phezulu.

MaBaloyi:”Wena wenza izinto zababa wakho, kuncono ngoba awungezi usawoti ekudleni kwakho kuyingozi naye ngangihlala ngimutshela.”

Amoyizele uMusa

MaBaloyi:”Hhayi wena mfana ungangitsheli kuthi udla usawoti oluhlaza ungudokotela uyakwazi akukho kahle"

Musa:”Lumnandi ma akuchazeki kodwa angitheli kakhulu"

Bahleke bafike kuleso sitolo alithenge babuyele ekhaya, bafike babeke abakuthengile.

Lungi:”Wuuuuuu mama levoso ngilizwa ngephunga ngingakaboni ukuthi ivoso lalapha leli lalithandwa ubaba.”

Amoyizele uMusa umaBaloyi aqonde egumbini lakhe avale akhiphe ucingo lwakhe aqale adonse umoya achofoze inombolo kaNtombela abeke endlebeni isakhala.....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

LETHABO T🌼

78🌼

UManqoba wathi makabona uNobuhle emile ngasesangweni waphosa indwangu emanzini wazisula izandla ngokushesha.

“Manje? ayikapheli lemoto nje.”

Manqoba:”Sesiqedile isibani sami, ngizonibona Thami ngicela ungigcobisise umlomo"

Amukhiphele uThami uvaseline wakhe omncane ohlala ekhikhini awukhe kakhulu uManqoba amunike agcobise izandla.

Thami:”Hhayi ndoda uyabonake.”

Manqoba:”Kubi ndoda sengiyahamba"

Asuke ngejubane athwale nesigqoko sakhe ngoba akafuni nje kuboniwa nangephutha, basale bahleka laba abashiya ngemuva. Achazeke makabona uNobuhle ethalaza nali netekisi liqeda kusuka lipopoza wangagibela kusho kona phela ulinde yena. Makafika duze naye amumoyizelele.

Manqoba:”Soqedile Dudlane?”

Nobuhle:”Eya ngiqedile.”

Manqoba:”Ubhale njani?”

Nobuhle:”Kahle kakhulu, singahamba ngijahe kubona ubaba.”

Manqoba:”Kulungile  kuncono sigibele nami bengimucabanga.”

Basale bagibrla itekisi, uManqoba alimise ekudeni kepha sekuyibanga elihambekayo.

Nobuhle:"Cha usungeza uwedwa ngeke ulahleke."

Manqoba:"Ukulahleka komuntu omude kangaka ngeke noma bangafuni kungithola ngizovele ngitholeke nje ngoba ngibonakala ngokushesha."

Ahleke uNobuhle bahambe mabafika kwesinye isihlahla eme phansi kwaso uManqoba angasahambi eme noNobuhle.

Manqoba:"Dudlane uyazi ngizokukhumbula masengihambile."

Nobuhle:"Hawu kanti awuzanga kuzohlala la?"

Manqoba:"Cha size nje noThami ngoba sifuna kubona indawo yakubo, kanti ngizohlangana nembali khona"

Akhophozele ngapha uyamoyizela uNobuhle

Manqoba:"Dudlane ngiyakuthanda"

Noma bekazi uNobuhle athuke ngoba uyaqala kusho lamazwi agcwale umlomo kuye, lumshaye uvalo uManqoba makaqeda kusho lento. Azame kubheka uNobuhle emehlweni kepha ahluleke naye azithole sekashalazela, azidonsise ukukhohlela okungekho.

Manqoba:"Ungizwile?"

Nobuhle:"Ngikuzwile kodwa ngiyamangala ngoba uqeda kungibona waze nini kuthi uyangithanda?"

Manqoba:"Ukuthanda umuntu akudingi ngize ngikwazi iminyaka, mina ngikutshela ngento eyenzeke ngiqala kukubona kini. Mangingachaza ngenye indlela ngizobe sengiqamba amanga."

Nobuhle:"Mina angazi Manqoba"

Manqoba:"Yini ongayazi?"

Nobuhle:”Ukuthi ngiyakuthanda"

Manqoba:”Noma kungenzi mqondo nje kepha ngizocela kuthi ucabange phela Dudlane"

Nobuhle:”Yini engenzi mqondo?”

Manqoba:”Mawungithanda uyangithanda akukho okumele uyokucabanga"

Aziqinise uManqoba yize ashawa uvalo amubheke emehlweni, akhophozele uNobuhle makathi uphakamisa amehlo afice amubhekile uManqoba abuye akhophozele.

Manqoba:”Ngiyazi ngimubi ngibheke.”

Nobuhle:”Awumubanga.”

Achazeke uManqoba amoyizele

Manqoba:"Angimubanga nginjani?"

Nobuhle:"Iyabukeka nje."

Manqoba:”Asihambe ubaba  uzoqala kumangala.”

Nobuhle:”Uthe uzohamba, into yanini leyo?”

Manqoba:”Ngizokwazisa okwamanje ngikhona"

Bahambe bezixoxela nje uManqoba akasakhulumi indaba yothando sekamuphethe ngamahlaya, la endleleni bandlulwe uThami noSkhumbuzo babingelele ngathi abakaze babonane baqhubeke ngohambo lwabo. Amuphelezele baze bafike esangweni.

Manqoba:”Ngizokubona kusasa?”

Nobuhle:”Hawu awungeni nami kanti?”

Manqoba:”Ufuna ngingene?”

Nobuhle:”Eya hayiman cha angithi ubuthe uzobheka ubaba.”

Manqoba:”Uzodeleleka ubaba ngena ngizokulandela.”

Amoyizele uNobuhle angene egcekeni lakubo, ilanga seliyashona imizi eminingi sekubasiwe kuyashunqa intuthu. Emva kwesikhashana angene uManqoba akokode kuphendule yena uNobuhle kuthi angene. Makangena nje abheke kulesihlalo esihlala ubaba wakhe akekho.

Manqoba:"Hawu ubaba usalele?"

Angaphenduli uNobuhle amoyizele nje aphume uphethe imbazo, kanye nebhakede elincane, makathi uyamulandela uManqoba bahlangane nobaba kaNobuhle. Amoyizele makamubona

Nobuhle:"Baba abethi uzokubheka ukuphi uqeda kungena."

Masondo:"Kulungile ndodakazi, ndodana buka nginjani."

Inhliziyo kaManqoba ingaphandle kuNobuhle nalembazo aphume nayo ulokhu uyathalaza. Aphakamise ibhlukwe ungaphika kuthi belivuvukile ledolo. Amangale naye uManqoba bekazi uzoba kahle kepha hhayi ngokushesha okungaka.

Manqoba:"Hayibo baba."

Masondo:"Ndodana angizwa nezinhlungu angazi ngikubonge ngani ngoba anginalutho nje"

Amoyizele uManqoba

Manqoba:"Ungakhathazeki baba mina ngijabula mawukahle, uDudlane uyokwenzani ngalembazo aphuma nayo?"

Ahleke uMasondo

Masondo:"Angakuzwa umubiza ngalelo gama yimina kuphela engimubizayo uzokuthuka ngenhlamba engasuki eskhumbeni"

Manqoba:"Hawu ngobani baba?"

Masondo:"Ngizokuxoxela ngelinye ilanga, ukabha izinkuni kuleziya zihlahla ezingasendlini encane:

Manqoba:"Ngingamukabhela?"

Masondo:"Ngabe umusizile ndodana ngiyabonga, ungamubizi ngoDudlane nizoxabana."

Asukume amulandele eme emnyango uMasondo amubheke aze afike kuye, makabona akhuluma kahle athathe nembazo uNobuhle asuke ayokha amalahle abone ukuthi akekho emqondweni obhedayo.

Nobuhle:"Ungazilimazi phela imbazo ayibanjwa kanjalo."

Manqoba:"Mina ngiyibamba isimanqoba wena uyibamba isidudlane"

Ahleke uNobuhle akabhe uManqoba noma sekunzima kepha aziphoqe.

Nobuhle:"Cha sezanele manje"

Manqoba:"Sesenzela namalanga amanye."

Abuyele endlini nezimbalwa abase aqede

Masondo:"Dudlane tshela lomfaan akhawule nakhu sobasile nje."

Nobuhle:"Sekaqedile baba uyaphumula lapha phansi kwesihlahla sakho"

Asukume ngesinye isivinini aye ngaphandle ubaba Nobuhle makafika ngakhona nangu uManqoba ucosheme phansi kwesihlahla angafuni ngaso amangale kuthi akwenzeki lutho kuye.

Masondo:"Ndodana."

Manqoba:"Yebo baba."

Masondo:”Ngibona kuthi uye ekhaya manje sekuhwalele usungisize kakhulu ndodana khululeka"

Manqoba:”Kulungile baba, bengithi ngizoqoqa lezinkuni kahle.”

Masondo:”Usuzikabhile baba bazozicoshela bona, ngizotshela uNobuhle akufakele amanzi ugeze izandla.”

Manqoba:”Cha khululeka baba ngizozigeza mangifika ekhaya.”

Makasukuma amubheke emehlweni  abone engenalutho kumthuse lokho uMasondo avalelise afulathele uManqoba amubuke aze ayofika esangweni aphume andlule sekagijima ngale emgwaqeni. Asondele esihlahleni abeke isandla.

Masondo:”Ingabe usekhona la?”

Kuthuleke

Masondo:”Dudlane”

Kuphume intuthu esihlahleni nelangabi lomlilo ubaba Nobuhle awe phansi ngamadolo sekehla nezinyembezi. UNobuhle makabona lokukhanya  akhale uyazi ukuthi ubaba wakhe uzongena engemnandi nhlobo sekadatshukelwe izimpahla naye alimele. Abaleke ayongena egunjini lakhe akafuni ukumubona makangena ubaba wakhe ngoba kumphatha kabi lokho.

Masondo:”Ngiyaxolisa.”

Kuphume iphimbo esihlahleni kuze kube ngathi ziyasha izindlebe zaMasondo.

Iphimbo:”Ngifuna ukuphumula nami ngikhathele ngisize"

Masondo:”Hawu bengicabanga ukuthi uthukuthele, awungishayi namuhla.”

Iphimbo:”Ngifuna kuphumula siza.”

Likhale iphimbo ngokukhulu kudabukisa lokhu

Masondo:”Unyaka ozayo sekuwunyaka ebesiwulindile.”

Iphimbo:”Hamba uyovuselelake ingane ingabi sothandweni angikwazi kuhlala kanje ngiyasha ngikhathele"

Abheke phansi uMasondo ajule kubonakala ukuthi uzwa ubuhlungu nobunzima.

Masondo:”Ngeke athandane uNobuhle kanti ngimukhulise kahle akakathintwa"

Iphimbo:"Ngiyakwazi lokho kepha lo osuka la unamanye amandla engingawazwisisi angamosha konke."

Masondo:"Ngizwa ubuhlungu ukuthi kumele ngenze indodakazi yami kanje, ngiyayithanda ingane yami angifuni lutho ngayo."

Iphimbo:"Mangabe ufuna kuncwaba ingane yesibili kuzokwenzeka UZOFA UNOBUHLE."

Kuvumbuke umlilo futhi manje sekumalangabi entukuthelo, aphusheke uMasondo andize ayowela emnyango ashayise kabuhlungu, aqume azame kusukuma sekasaba nokubheka esihlahleni. Ukukhanya komlilo kusabonakala azame kusukuma kube nzima.

Masondo:”Nobuhle"

Kuthuleke

Masondo:”BUHLEEEEEEE.”

Alizwe iphimbo lababa wakhe uyakhala manje avuke azisule izinyembezi makavula umnyango umlilo socimile. Azame kusukumisa ubabakhe batotobe bangene endlini, amuhlalise esihlalweni sakhe.

Nobuhle:"Baba kungani singathuthi kulendlu mina ngikhathele ukukubona unjena, kubuhlungu."

Masondo:"Akwenzeki njalo ndodakazi."

Nobuhle:"Kwenzakalani kulesiya sihla...."

Amungene emlonyeni

Masondo:"Ngane yami ngicela ungiphe ukudla ngizokwazi ukulala, nawu umzimba uyaqaqamba manje."

Nobuhle:"Baba idolo selikahle ngoba lesihlahla sesikunaphazile kanje uzovuka naledolo elibuhlungu futhi, kanti kumele kuze kube njani baba, kuyangilimaza ukubona ubabami enjena. Umama wahambelani yena nje."

Adonse umoya uMasondo phela indodakazi yakhe akakaze ayizwe ikhuluma ngalohlobo naye okusho kona ukuthi uyabuzwa ubuhlungu.

Masondo:"Usesi wakho ubuya nini?"

Nobuhle:"Angazi baba mangabe uzongifica ngisaphila ngeke mina ngiyimele lento."

Athuke uMasondo azame nokusukuma sekatatazela.

Masondo:"Ungakwenzi lokho ndodakazi ngiyakucela."

Nobuhle:"Baba yekela ukuya kulesihlahla noma sithuthe la makungenjalo ngelinye ilanga uzovuka ngilenga ngentambo lapha njengo Buhlebendalo."

Abheke phansi uMasondo nezinyembezi zilandele amandla masewakhona asukume ayopheka nomlilo soyafa uNobuhle azange athole ithuba lokhupheka. Apheke iphalishi enze namaqanda aphake ezitsheni ezimbili. Akuthathe okukodwa ayokokodela indodakazi yakhe kuthuleke. Avule nangu ulele abeke ukudla kwakhe amuvuse.

Masondo:"Vuka sesi naku ukudla."

Abengazumekanga abezilalisile makezwa ukuthi ubaba wakhe umulethele ukudla abe namahloni avuke ahlale ngezinqe. Afulathele uyise makafika emnyango.

Nobuhle:"Baba."

Aphenduke amubheke indodakazi yakhe yehle izinyembezi asondele ahlale embhedeni.

Nobuhle:"Ngiyaxolisa ngokukhuluma nawe kabi."

Masondo:"Akunankinga Dudlane idla uzokwazi ukulala, kusasa ngicabanga ukuthi uyobiza usesi wakho kaMkhaliphi ngifuna ukukhuluma nani."

Nobuhle:"Ngiqedile ukubhala ngizoya baba, wena usudlile?"

Masondo:"Kungale okwami ngiyodla manje"

Nobuhle:"Ngiyabonga baba."

Aphume ubabakhe ayodla naye bese bayalala......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMAHLUBINI 🌼

Bahlala kanjalo balinde uScelo kwaze kwaba mnyama ngaphandle.

MaScelo:"Sengikhathazekile manje."

Thabiso:"Khululeka ma bamuqaphile akukho okuzomuvelela okubi."

Ntwenhle:"Mama mina ngibona ukuthi uyophumula uzomubona kusasa"

MaScelo:"Makafika uzongazisa?"

Ntwenhle:"Ngizokwazisa ma."

MaScelo:”Kulungile.”

Asukume aye egunjini lakhe noNtwenhle aye egunjini abakhonjiswe lona, kusale uThabiso nenkosikazi yakhe.

Thabiso:”Iza uzohlala la.”

Asondele uThobile ayohlala celeni komyeni wakhe aqamele, naye ubukeka ejulile.

Thabiso:”Uzizwa unjani manje?”

Thobile:”Ngifuna abafana bami babuye ekhaya ngizobakhomba umalume wabo.”

Thabiso:”Akusiyo inkinga leyo, kukhona okwenzekile ekhaya.”

Thobile:”Yini leyo?”

Thabiso:”UMandla kunento ayibonile ngoNqobile akafunanga ukusho ukuthi yini kodwa ngendlela bekangayo kusobala yimbi lento ayibonile.”

Thobile:”Abenjani.”

Thabiso:”Uyamazi uyaphapha uMandla kodwa kusukela abone lento uvele wathula, bekakhala izinyembezi, baby sihambe ibanga elide nalomndeni kodwa masekuzoza ububi ezinganeni zami kuzofa umuntu"

Thobile:”Ubhuti yena abekuphi?”

Thabiso:”Abekhona uMandla utshele yena ukuthi ubona impisi, nangendlela athuke ngayo uThabo kungicacele kuthi akukhulumeki.”

Thobile:”Manje bathi kwenziwe njani, noma bona kukhona abazokwenza, hayi Thabiso"

Thabiso:”Bathe bazoza ngiyacabanga bebasaba into engizoba yiyo abangithembi.”

Thobile:”Ithi ngishayele uThabo ngeke nje ngoNqo wami.”

Amusondeze kuye amuhage umyeni wakhe.

Thabiso:”Nami ngithukile kepha ngiyabathemba ngeke kube khona into enobungozi engenzeka babe bayibona.”

Kukhale ucingo lwaThabiso makalubheka akhombise uThobile ukuthi ubani omushayelayo.

Thabiso:”Baba"

Baba:”Ndodana sisendleleni kumele sinifice niphelele.”

Thabiso:”Usho ukuthini baba?”

BabThobela:”Siyasuka manje mangifika lapho ngithole umndeni wakho uphelele, abafowenu babone okuthile selokhu nihambile bayakhuleka. Manje uMandla uthi kumele size makangichazela akusiyo into yokukhulunywa emoyeni"

Thabiso:”Kulungile baba, ingabe nabafana nizobafinga na ngoba abekho.”

BabThobela:”Uvakashise izingane kuphi Thabiso zizodwa? Zilande manje"

Thabiso:”Baba abekho duzane"

BabThobela:”Bakuphi?”

Thabiso:”BangaseMgazini baba kodwa hhayi phakathi la ekuhlala khona umama Scelo.”

BabThobela:”Ngiphe ikheli lakhona sizobalanda indlela indlula khona.”

Thabiso:”Ahm angazi ithi ngishayele umshayeli wabo babuye.”

BabThobela:”Mutshele angisendele ikheli wena ucabanga ukuthi bazovuma makathi abahambe, ngizozilandela mina.”

Thabiso:”Kulungile baba.”

BabThobela:”Kuzosa sesingena lapho.”

Aluvale babukane azibambe esifubeni uThabiso.

Thobile:”Ithi ngibashayele balungise.”

Thabiso:”Bayeke bayamuhlonipha umkhulu wabo ngeke banqabe.”

Thobile:”Ithi ngibize izisebenzi zilungise amagumbi.”

Asukume ayosithela emagunjini ezisebenzi ngaphandle angene uScelo umoya wakhe uphansi, noThabiso angazi athini ngoba kwayena uphethwe ezakhe.

Scelo:"Mshengu uma kwenzeka bengicela ozoya kongikhomba ithuna likababa, ngendlela ekwenzeka ngakhona la angifuni ukubhedisa izinto"

Thabiso:"Ahm angazi ngithini bafo ngizotshela uThobile angazi kwenziwa njani kaHadebe noma lapha emathuneni asebukhosini"

Scelo:"Uzongazisa ngisaya egunjini."

Thabiso:"Scelo."

Aphenduke amubheke asondele uThabiso nezandla emaphokothweni.

Thabiso:"Ngiyazi kunzima kepha ngicela ungasamoshi isikhathi ngokukhala nokucasuka, wena jabula uthole usesi, unabashana futhi, uyayazi imvelaphi yakho. Ndoda uzobona nomfowenu kungekudala yamukela lomndeni ukundlulise okubuhlungu noma kungeke kube lula. Sonke kukhona ubunzima esindlule kubo okumangazayo nakhu siyaphila. Ungamujezisi umama ngaleqiniso alivezile."

Scelo:"Ngiyezwa futhi anginawo amandla okujezisa umama kepha ngeke ngenze ngathi akukho buhlungu, njengamanje ngiyazizwa ngifuna ukuya ethuneni likababa"

Thabiso:"Ngizokwazisa indlovukazi engikwaziyo ukuthi walandwa le wazobekwa la ebukhosini kepha ngeke ngilikhombe ithuna lakhe."

Scelo:"Ngiyabonga."

Bahlukane aqonde egunjini abazolala kulo....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Balele isekuthatheni kokusa lesikhathi esenza ubuthongo bube munandi kakhulu, uMkhaliphi ezwe ubugudugudu ngaphandle. Aphakamise ikhanda ezwe sekukokoda uThami ngoba ulala ngaphandle benoMnqobi.

Mkhaliphi:”Yini wasivusa ebusuku nje uhlanganise izintombi na?”

Abonakale ethukile uThami

Thami:”Cha baba kunomndeni waboManqoba la ngaphandle balande bona.”

Mkhaliphi:”Hawu ebusuku nje, bangenise uphi uMnqobi?”

Thami:”Uyagqoka ngale.”

UThami ngoba udliwa isazelo athathe ukhiyo wasesangweni ayowunika uMnqobi kuthi kube nguyena obavulelayo.

Mnqobi:”Bobaba kodwa ingabe sekwenzenjani?”

Thami:”Hamba uyovula ndoda.”

Aphume sekagijima kuphephezela umoya opholile kepha ongeke wawumela ufuna ugqoke ufuthumale, abavulele bangene. Amangale nje kukhona nomkhulu azitshele kuthi sekuyiwa empinike manje. Bangene endlini abalandele naye, uManqoba ulele vithi akezwa lutho akakujwayelanga ukuhamba kanti uphinde wakhathazwa nawukukabha izinkuni. Bahlale kusofa akuphelelanga abanye bashiyeke ekhishini uMkhaliphi sekahle ubalindile. Umangele naye kuthi bahlaselwa sebenzeni.

BabThobela:”Mkhaliphi kunjani.”

Mkhaliphi:”Siyaphila ngingezwa nina.”

BabThobela:”Siyaxolisa ngokutheleka kanje ebusuku nje kepha sizolanda abafana bayafuneka emagcekeni akubo"

Mkhaliphi:”Ingabe kukhona okubi esikwenzile?”

BabThobela:”Lutho lutho kukhona okuvelile.”

Mkhaliphi:”Ngiyathemba akukubi, inkinga ayikho Mshengu ungabathatha"

Thabo:”Mnqobi uphi umfowenu sambeni.”

Afulathele ayongena kulegumbi alele kulo amuvuse aze aphaphame.

Manqoba:”Ndoda manje?”

Mnqobi:”Gqoka sambe basilandile bobaba.”

Manqoba:”Basilandeleni?”

Mnqobi:”Angazi kodwa kuzwakala kubalulekile, gqoka ngizokuqoqela izimpahla zakho.”

Avuke avele azicabangele uNobuhle wakhe akakwazi kuhamba angamuvalelisanga, cha akukwazi.

Manqoba:”Bafo angikwazi ukuhamba mina ngeke ngilandele noPaul emini?”

Mnqobi:”Ayyy ndoda uzolala emotweni vuka.”

Manqoba:”Akusikho ngalokho kunomtwana engimubonile ndoda ngiyamthanda angikwazi kuvele ngihambe kanje, ngiyakucela.”

Amoyizele uMnqobi amubheke uManqoba akakhulumi ngamantombazane futhi akanalo nje uthando, akakaze abe nentombi.

Mnqobi:”Ndoda unamanga awufuni kuhamba ngoba uhlezi kamnandi bayakuyeka uvuke ngesikhathi osifunayo, qeda sambe.”

Amubheke makangagqoki abone ukuthi akadlali umfowabo.

Mnqobi:”Uqinsile?”

Manqoba:”Ngiqinsile lomntwana makangathola omunye ngoba acabanga ukuthi bengizidlalela ngeke ngibe kahle ndoda"

Mnqobi:”Uhlala kuphi?”

Manqoba:”Khabo sesFikile.”

Mnqobi:”Angazi ikuphi lapho.”

Manqoba:”Undlula imigwaqo emithathu.”

Mnqobi:”Uzoya kanjani kukude ndoda lapha"

Manqoba:”Mnqobi ngihlala ngikwenzela amathuba ngiyakucela ndoda"

Mnqobi:”Ungenzela amthuba ekhaya hhayi kulamadada agcwele indlu.”

Manqoba:”Kanti eze wonke lamadada naleli eliwubaba?”

Mnqobi:”Aphelele ngaphandle kwababa.”

Thabo:”Hhayi bafana nenzani manje asikho isikhathi, Manqoba"

Manqoba:”Sengivukile baba ngifuna indlu encane ngihanjiswa isisu”

Mnqobi:”Nami siyangihambisa  ndoda ilento oyithengile.”

Manqoba:”Nguwena othe uyayifuna angithi.”

Mkhaliphi:”Nidleni ngoba sonke sikahle la ekhaya"

Thabo:”Mandla awubheke labafana bakho kuyasa manje"

Mandla:”Yekani abantwana noma sifika nini le sizokhuluma, sesingabajaha bazohamba basinyela yonke lendlela"

BabThobela:”Uyakuthuma ubhuti wakho angithi Mandla"

Asukume uMandla ayobabheka makangena uManqoba azibambe isisu, bese ubheka uMnqobi abone nje ukuthi ayikho lento phela uMnqobi akakwazi kuzenzisa.

Mandla:”Phumani phela niyonya.”

Baphume abalandele nangaphandle basahlangene ngamakhanda.

Mandla:”Nifunani kahle kahle ngoba ayikho lendaba yesisu isikhathi siyahamba"

Manqoba:”BabMandla yimina odinga kuphuma ngiyovalelisa manje ngizama indlela yokuya khona.”

Mandla:”Mnqobi ufika la wena sobone abantu okumele ubavalelise.”

Manqoba:”Mina ngiwuManqoba baba, ngiyaxolisa ngempela angikaze ngivelelwe into enjena.”

Mandla:”Akanalo ucingo?”

Manqoba:”Ngifuna kumubona.”

Mandla:”Uzobuya.”

Manqoba:”Ngiyakucela baba.”

Mandla:”Isebusuku manje Manqoba akungenwa emzini wabantu ngalesikhathi uyazi ubaba bekazokwenzela ithuba. Wena uyangichaza ngoba ngiyaqala kukuzwa ukhuluma ngentombi awufani naledada eliwumfowenu.”

Babhekane amoyizele uMandla

Mandla:”Ngiyazi nisibiza ngamadada ngiyahleka nami ngoba ngangibiza ubaba newele lakhe ngamadada.”

Manqoba:”Manje baba ngihambe nje kanjalo?”

Mandla:”Uzomushayela ekuseni umuchazele kukhona okuvelile ekhaya kodwa uzobuya ngizokuletha ntambama uzomubona bese siyajika.”

Manqoba:”Bazongithathelake lomntwana"

Mandla:”Mabamuthathile ndodana bekungasiye ewakho usemuncane uyakhula, xolisa inhliziyo asambe.”

Manqoba:”Ngicela kuyoshiya umlayezo noThamike.”

Mandla:”Kulungile.”

Aye egunjini likaThami akokode kanye amuvulele.

Manqoba:”Bafo sesiyahamba.”

Thami:”Mina ngizonibona makuphela isonto.”

Manqoba:”Ngicela utshele uNobuhle ukuthi kwenzakaleni nokuthi ngizoza mangithola ithuba lento engimutshele yona emini ngiqinisile.”

Thami:”Kulungile"

Manqoba:”Ndoda ungamutsheli ukuthi ngibuya ebukhosini.”

Avume uThami naye ujahe kuthi bahambe ngoba akakhululekanga bashayanise izibhakela noMnqobi naye baphume asale emnyango uThami. Babuyele bayovalelisa endlini bamubuke uManqoba angena emagunjini avalelisa abuye ayongena kwelaBabalo.

BabThobela:” Indodana yakho endala iphi?”

Mkhaliphi:”Uye le eMasumpeni izindaba zeshishini uyabuya nje ngoba kusa.”

BabThobela:”Kulungile ngiyabonga kuvumela abazukulu bazokubangela umsindo.”

Mkhaliphi:”Kubonga mina"

Bangene etekisini isuke ihambe uManqoba inhliziyo yakhe ngathi ihlukana phakathi ubona kahle ukuthi bazomuthatha uNobuhle. Bahambe njalo akekho onomdlandla wokudlala bonke bazijulele….

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

LETHABO T🌼

79🌼

KWABIYELA🌼

Ntombela:”Nkosi yami ngicela ukuphendula locingo ngaphandle.”

Biyela:”Khululeka Ntombela"

Aphume sekakhokhoba angakafiki nasemnyango aluphendule phela usaba ukuthi uzaluvala lomuntu.

Ntombela:”Sawubona.”

Aphumele ngaphandle ayomela buqamamana nendlu.

MaBaloyi:”Hawu namuhla angisiyiso isalukazi?”

Amoyizele kakhulu uNtombela

Ntombela:”Uyohlezi uyisalukazi sami.”

MaBaloyi:”Wooo kahle dade ngehaba.”

Ntombela:”Ihaba lani manje?”

MaBaloyi:”Akubalulekanga"

Ntombela:”Ngingakusiza ngani namuhla?”

Athule umaBaloyi usacabanga aqale athini adonse umoya kancane.

Ntombela:”Makhosazane salukazi sikaNtombela, ngingakusiza ngani?”

MaBaloyi:”Kulungile Ntombela ngikushayela ngoba ngithi singazama kodwa ngizocela ungilinde ngisize indodana yami ngokuthile.”

Ntombela:”Ningazama ini nobani futhi?”

Ubuza nje uyazi ufuna kuthini umaBaloyi kuye kepha ufuna akubeke kucace inhliziyo seyihle ishaya kakhulu uzifisa ngabe uduze naye.

MaBaloyi:”Hayisuka nawe hawu uyazi angisiyo ingane phela mina angisakwazi ukuqoma.”

Bahleke bobabili

Ntombela:”Ngeke uzisole salukazi sami ngeke uzisole.”

MaBaloyi:”Ungizwile mangithi ngicela ungilinde?”

Ntombela:”Ngikuzwile futhi kunzima kodwa ngiyazwisisa ngizokulinda"

MaBaloyi:”Ngiyabonga Nzuza.”

Ewu amoyizele uNtombela aze ashawe luvalo

Ntombela:”Uhle utshele izingane kuthi sekukhona ikhehla, ubatshele nokuthi uzoshada futhi.”

MaBaloyi:”Hayibo ukushada umuntu amdala nje.”

Angabe esamoyizela uNtombela ajule.

Ntombela:”Sizoxoxa masolungisile nondodana mina ngizolinda"

MaBaloyi:”Ngiyabonga kakhulu"

Ntombela:”Salukazi ngiyakuthanda ngicela ungangilindisi iminyaka.”

MaBaloyi:”Iminyaka esesingenayo ngeke ngicela inyanga eyodwa nje, kepha ungamangali masengikushayela inyanga ingakapheli.”

Ntombela:”Ungajahi salukazi sami lungisa kahle.”

Bavalelisane eme ebuke phansi ngathi kukhona akufundayo, angamuboni noBiyela noma aphuma endlini asondele kuye.

Biyela:”Izindaba ezimbi na?”

Athuke uNtombela

Ntombela:"Cha nkosi endala, sekumele ngihambe.”

Biyela:”Usuyahamba ungakasitsheli lokhu obukuzele"

Ntombela:”Akusabalulekanga nkosi yami.”

Biyela:”Ntombela lowesifazane ngathi ukubambe ngezikhwama nje?”

Ntombela:”Nkosi endala kunjalo kodwa ngiyajabula.”

Biyela:”Ngijabulela nje ukuthi ujabulile.”

Bamoyizele

Biyela:”Manje ngeke uphazamiseke kumsebenzi wakho wokunyanga ubukhosi?”

Ntombela:”Ngeke ngiphazamiseke kepha manje sengizokwenza njengomuntu onenkosikazi ngeke ngihlale ngitholakala. Kukhona osalungiswa abadala ozothatha emva kwami abakangivezeli ukuthi ungubani esami isikhathi siyaphela.”

Kukhale ucingo lwakhe futhi alubheke aluphendule makaqeda kukhuluma asukume.

Ntombela:”Nkosi endala Mgazi kunomuntu endubeni yami ngicela indlela.”

Biyela:”Kulungile uhambe kahle.”

Aphume uNtombela makafika ngaphandle agqoke isigqoko sakhe ayongena kwiveni yakhe ahambe. UBiyela asale acwaninga lento ayitshelwa uNtombela.

Biyela:"Ngiyathemba naye uzobakahle njengawe mngani wami."

Umujabulele kepha kunzima ukwamukela ushintsho lunzima.......

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABUTHELEZI🌼

Buthelezi:”Hayimaan Nelsiwe uyangimbula kanti unani namuhla?”

MaButhelezi:”Phephisa myeni wami ubuthongo abukho.”

Buthelezi:”Bheka ngaphake ngizokubuyisela buthongo bakho.”

MaButhelezi:”Kahle bo uzokwenza njani lokho?”

Buthelezi:”Kukhona okukuhluphayo yini nkosikazi?”

Avuke ahlale ngezinqe umaButhelezi aphendukele ngakumyeni wakhe.

MaButhelezi:”Baba yazi ngizame konke okusemandleni kusiza uZodwa yize bekunzima ngalento enayenza kepha manje sengiyahluleka, ingabe lokho kungenza umuntu omubi?”

Aphakame uButhelezi ayamele ngeheadboard adonse inkosikazi yakhe kuthi iqamele kuye.

Buthelezi:”Nelsiwe awusuye umuntu omubi.”

MaButheleli:”Ngamuthembisa ukumeseka baba kodwa selokhu azame kuzibulala ngizwa ngingasenawo umdla.”

Buthelezi:”Wathembisa ukumeseka  azange uthembise ukumphilela impilo yakhe, ukhulile uZodwa uyakwazi okubi nokuhle wena umtshelile okuhle kepha yena wakhetha ukwenza akufunayo. Ungazisoli nakancane lento oyenzayo akekho ongaba nesibindi sokuyenza.”

MaButhelezi:”Angazi ngenzenjani ngempela.”

Buthelezi:”Wena qhubeka umukhulekele makakufuna uzoza kuwe, qhubeka umunike ithemba ukuthi yena uyalithatha lelo themba noma ukhetha ukubheda ekwakhe lokho.”

MaButhelezi:”Inkinga uZodwa akakashintshi angikhoni kumubeka ekukhanyeni baba ngikhulekile ubusuku nobusuku ngingalali kodwa kuyafana. Angikaze ngihlangabezane nento enjena mina ulikhuni"

Buthelezi:”Ubucabanga ini?”

MaButhelezi:”Ngicabanga ukuthi ahambe ngoba into mayibhekene nami angiyiboni ngokushesha angazi ngobani. Ngibona ngathi usenegqubu ngendaba yengane yakhe esayishintsha esibhedlela. Ngingumuntu omubi ngalokho ngiyicabanga njani into ekanje ekubeni usesi wami aqeda kuzama kuzibulala.”

MaButhelezi:”Uyabona nkosikazi ngoba sekusho kuwe ngaphakathi kulalele, umuchazele ukuthi awukwazi ukumthola wena ngeke ukhone kuhlala nomuntu ongakucaceli emoyeni. Awukho mubi  kepha wenza lokhu oboniswa kona. Masocabangile ngeke simulahle sizomuxhasa ngakudingayo aze akhone kuzimela"

MaButhelezi:”Noma angabuyela endlini yenu?”

Buthelezi:”Leya ndlu ekaSambulo abazi bona kepha ngayithenga ngayifaka egameni lakhe noma abengidlisile kepha ngeminye imizuzu ngangiphaphama. Lendlu ngayifaka egameni lakhe ngiphapheme.”

MaButhelezi:”Ubuphaphama bese kubamnyama futhi?”

Buthelezi:”Yebo nkosikazi.”

NaButhelezi:”Ungasaswabi baba sekundlulile mina ngijabula nje kuba nawe, nokuthi mhla ngilifulathela leli wena uzobe unami.”

Buthelezi:”Cha ithi mhla ulifulathela leli mina ngizobe ngikulindile ngale kwethuna ngoba kuyohamba mina kuqala.”

Babukane emehlweni

MaButhelezi:”Asilale baba ngizokhuluma noZodwa ekuseni.”

Buthelezi:”Ewuuuu Nelisiwe usho ukuthi silale impela sekonakele kanje kimi.”

MaButhelezi:”Konakele ini baba?”

Azibuzise nje naye uyazi ukhuluma ngani umyeni wakhe.

Buthelezi:”Kahle bo buya ngoba kusasa uzobe ungitshela ngokuzila awuuuuuu.”

Bahleke baqabulane……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMASONDO🌼

Ekuseni uNobuhle wavuka ngovivi evuswa ukukhohlela kwababa wakhe, aye egunjini lakhe egijima. Amufice abheke phezulu ukhohlela ngathi kukhona okumkhamayo uze uvaleka nomoya. Asondele kuye uze umile imithambo ekhanda, aphume aye ekhishini abuye namanzi azame kumuphuzisa kufane awangeni. Sekayakhala manje.

Nobuhle:”Baba yini ohhhh Nkosi yami baba lala ngecele"

Makaphosa amehlo abone lento abeyiphekelwe uManqoba kuthi azithobe idolo, asukume ayithathe ayibheke isekhona. Ahluleke kumuphuzisa ngoba umlomo uvulekile kuyajika njengamanazi. Afake isandla bese umufafaza ngayo ebusweni. Awise isandla lesi bekazibambe ngaso emqaleni athule, amubhekisise abheke nalento amuthele ngayo.

Nobuhle:”Cha baba awukwazi ngeke baba.”

Amuzwe sekadonsa umoya ahlale ngezinqe sekathuke woma naye babhekane.

Nobuhle:”Baba kwenzenjani?”

Masondo:”Hamba uyolanda usesi wakho”

Nobuhle:”Ngeke ngikushiye wedwa baba futhi kusemunyama la ngaphandle.”

Masondo:”Thatha ucingo lwami ushayele usesi wakho.”

Nobuhle:”Yini baba kanti?”

Ayibheke indodakazi yakhe ayengezele izinyembezi umntomdala.

Masondo:”Ubaba kumele ahambe mntanami angisakhoni lento engayenza.”

Nobuhle:”Wenzani baba?”

Ezwe kukhala ucingo lwakhe egunjini lakhe lize lithule usaba lokushiya ubaba wakhe yedwa.

Nobuhle:”Ngizoya kombiza baba masengikubona nawe ukahle, manje lala kuseyihora lesine"

Aphinde abeke ikhanda emqamelweni amuphulule uyise wakhe, amubone ngathi ubanjwa isithongwane. Ahlale lapho aze azumeke bese ubuyela egunjini lakhe makabheka ucingo lwakhe inombolo angayazi. Ahambe aye ekhishini kuthi ayolungisela usuku ngeke busafika manje ubuthongo, efasteleni lasekhishini abone lokukhanya kwesihlahla.

Nobuhle:”Noma kungathiwa unyezi olukhanyisayo ngeke kubenje, ilesihlahla somhlolo.”

Athuke sekaphefumulela phezulu ahlehlele emuva ezwe enyathela into ebandayo makabheka phansi.

Nobuhle:”Isithwathwa sibuyaphi?”

Abhekisise lesithwathwa siwumfanekiso wonyawo amangale kukhona esinye futhi ngathi bekuhamba umuntu onesithwathwa ezinyaweni ahamba asishiya nje. Azilandele lezinyawo ziqonde egunjini likababa wakhe. Angene nazi ziphelela embhedeni.

Nobuhle:"Kanjani."

Angene ulele manje ubaba wakhe kamnandi futhi ahlale la celeni kombhede amubheke kuze kukhanye kuse hluthu kube mhlophe bha....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMAHLUBINI🌼

Mabafika ebukhosini bangene balindelwe vele babingelelane akukho nokujabulelana awukho nomsindo. Amawele axhawule ubaba wawo bese bahaga umawabo.

Thabiso:"Nivakashe kamnandi?"

Mnqobi:"Kamnandi baba."

Thabiso:"UThami yena useleleni?"

Mnqobi:"Uthe uzoza makuphela isonto."

Thobile:"Kusemnandi  ekhaya ngoba kusele izinsuku ezimbili nje bandla."

BabThobela:"Uphi uNqobile?"

Thobile:"Usalele baba."

Mandla:"Kukahle asihlaleni phansi."

Bahlale uManqoba ezwe ebuhlungu ngoba bathe lento idinga umndeni manje usesi wakhe bathi kuncono makalele, athule kodwa.

Thabo:”:”Bafo uMandla uzochaza kancono.”

Amehlo abheke kuMandla

Mandla:”SisThobile ngiyaxolisa ngalokhu engizokusho angiqondile kunivusela amanxeba esenawakhohlwa.”

Thobile:”Kulungile.”

Mandla:”Niyakhumbula ukuthi kunewele elandlula?”

Thabiso:”Singakhohlwa kanjani bafo hlala odabeni.”

Mandla:”Lewele elandlula yilona elavikela uNqobile ngoba lali phambi kwakhe esibelethweni, manje kuyakhaleka kumele lizalwe emndenini ngenxa yalegama futhi enametha lona kumele lifezeke.”

Badideke kakhulu kunakuqala

Thabiso:”Angikuzwa mina, Thobile wena uyazwisisa?”

Thobile:”Angizwa.”

Badonse umoya babukane uThabiso azibhekele uyise manje uyazi makukhona abangakhoni kukusho ubaba wakhe uzokusho.

BabThobela:”Thabo muchazele ngendlela eningichazele ngayo ezwe."

Thabo:”Into eyenza uNqobile kube nzima esikoleni ubanjwe iwele lakhe leli elamukhusela.”

Thabiso:”Kahle ngikhumbula kahle lewele langenwa amakhaza ngoba lase liphumile engubeni esibelethweni futhi labakhusela bonke hhayi uNqobile kuphela.”

Thabo:”UNqobile naye wayesephumile engubeni kepha yena wamukhusela ngoba wayephambi kwakhe"

Babhekane uThabiso noThobile

Thobile:”Manje umubambe leni?”

Mandla:”Kumele amuzale uNqobile amuphe impilo makungenjalo ngeke aphile"

Thabiso:”Amuzale kanjani umuntu ongasaphili?”

Ahlahle amehlo amawele ngoba ayaqala ukuzwa ngalendaba yebo bayazi kukhona ongazange aphile phakathi kwabo kepha lencazelo abayazi.

Thabiso:”Amuzale kanjani?”

BabThobela:”Kumele akhulelwe kuzovela ingane ezonikwa legama lizokwazi kufezeka, akakwazi ukuba yiqhawe ngale kwethuna.”

Asukume uThabiso ashintshe avevezele asondele kuMandla noThabo.

Thabiso:”Anginizwa kahle lengane le engakaqedi nesikole kumele ikhulelwe, nake nayizwa kuphi into enjena?”

Mandla:”Nami ngiyayiqabuka kepha iyiqiniso"

Thabiso:”Hamba uyomtshela ukuthi uyanya ufile nje akasekho, uyanya yeses nayi ingane izongidelela isethuneni. Ngizohamba mina ngiyomushaya khona lapho yimina ubaba wabo ngiyanqaba lokho ngeke kwenzeke ngamane nginikele ngempilo yami.”

Manqoba:”BABA kahle ungayisho leyonto ngeke unikele ngempilo yakho ngeke, babThabo ngikhule ngikubuka ninobabMandla nenza izimanga nivimba izinto. Isigodi sonke lesi siyanazi akukho okungenzeka nivimbe lento?”

Mnqobi:”Hhayi isigodi lesi kuphela umhlaba wonke.”

Thabo:”Madodana sikhulekile sangacacelwa yingakho sibone ukuthi size la sizokhulekela khona, sizoyithola indlela.”

Manqoba:”Mina ngiyaniphikisa uMdali ngeke agqugquzele into enjena uNqobile muncane futhi akashadile"

BabThobela:”Mzukulu yehlisa umoya"

Mnqobi:"Cha mkhulu angithi nithe nifuna sibe kunye nani makukhulunywa lendaba uManqoba unelungelo loluphakanyelwa umoya usesi wakhe lo usesi wethu"

Thabiso:"Yiyona mpisi le nanikhuluma ngayo?"

Thabo:"Impisi ichaza isimo esiyimpicabadala nje ngayo le"

Thobile:"Yikuphi okumele kwenziwe?"

Mandla:"Lokhu esesikuchazile."

Thobile:"Nami angikuvumi ingane yami ngeke ikwenze lokho."

Manqoba:"Futhi iwele elibambe uNqobile liwuTshabalala kumele avele futhi abe wakwaTshabalala sonke siyazi ukuthi makavela kuNqobile uzoba wakwaMkhaliphi ngeke abe wakwa Tshabalala ngoba uNqobile unguTshabalala"

Athuke uMnqobi ubhuti wakhe sekabhamuze indaba anganakile, abone iso lababa wakhe limubheka ngenye indlela ngisho nomawakhe.

Mnqobi:"Yebo angaba wakwaMkhaliphi, Madonsela, Mazibuko zonke lezibongo esingahlobani nazo.

Adonse umoya uManqoba ubone mveni kuthi ukhulumile.

Thabiso:"Yes ndodana uqinsile angikucabanganga lokho."

Mandla:"Iwele kumele livele futhi ukuthi lokho kwenzeka kanjani angazi mina sengiwundlulisile umlayezo. Esizokwenza manje ukuzila sisonke amahora ayisikhombisa kuzobalula masibambana, zonke izisebenzi zingabibikho. Sizokhulekela kuthi sithole isixazululo ngoba le siyayinqaba."

BabThobela:"Lephuzu elikhulunywa uManqoba bengingalicabanganga nani anikucabanganga lokho, kwamele kube nendlela."

Thabo:"Sizokhuleka futhi sizile, manje sizokhuleka sicacise esikucelayo"

Thabo:"Ngicabanga nokuthi sibize uPhumelele azobiza uQhawe"

Mandla:"Lomuntu ushone aliswane uzokhuluma kanjani kuthi ufunani."

Manqoba:"Sizomunika incence uzokhuluma"

UMandla noManqoba bahleke bodwa

BabThobela:"Nina bafana kukhona onomuntu oqondile simushadise manje kuzalwe uQhawe kini?"

Babukane bonke

Thabiso:"Hhayi baba akukhulelwe izingane zami zincane azikho kahle ekubeni nabafazi, bazokwenza amaphutha la bazisole sebahlangene nabantu ababathanda ngempela baby khuluma."

Thobile:"Bhuti indodana kaSipho uQhawe futhi uwumndeni akukho eningakwenza kuphithanisa lendaba kuvezwe yena kuthi nangu."

Mandla:"Nina anizwisisi ingane kumele ivele kulamawele ngokushesha makungenjalo uNqobile uzobhubha ngoba ibambe yena kuyimanje. Uhlushwa amaphupho amabi futhi angazi kungani angakhulumi kepha ayamuhlupha. Akalali uze abe nobuthongo masekusa yingakho avuka emini yingakho alala nasekilasini."

Thobile:"Hawu ngengane yami kodwa, makungacaci ngicela sibize umamButhelezi."

UManqoba akakhoni kubekezelela umama wakhe makakhala uba nomunyu naye, asondele ayohlala celeni kwakhe amugaxe.

Thabo:"Kuqeda kugamanxa ihora lesikhombisa manje, sizoqala kuzila ngo8, kumele kube amahora ayisikhombisa. Ihora nehora siyahlangana la siyakhuleka imizuzwana."

Mandla:"Yiyona into esiyizele le kuthi sihlanganyele njengomndeni, ungakhathazeki bafo izovela indlela kuyakhanya."

Asukume uManqoba ngokushesha bamubuke ayosithela ekhishini amulandele uThabiso.

Thabiso:"Kwenzenjani?"

Manqoba:"Baba sizozila manje ngiyadla kungakashayi u8."

Bamuzwe ngale bahleke

Mandla:”Uzolamba kakhulu fana kube uyayeka ungadli  lokuzila kumele ukuzwe sizothola impendulo ngokushesha.”

Acabange ngosesi wakhe ayeke lapho abuye azohlala phansi.

Thobile:”Haaaa hamba uyodla mntanami"

Manqoba:”Angifuni kube khona into ebhedisa izinto ngenxa yami ngiyamuthanda usesi wami.”

Achazeke uThabiso amubhambathe ehlombe, kuqhamuke umama Scelo athuke nje indlu igcwele abingelele uThobile asukume aye kuye asathi uyajika.

Thobile:”Mama ngiyaxolisa akuphekwanga yazi kunesimo esisikhulekayo manje siyazila amahora ayisikhombisa.”

MaScelo:”Uma kungasiyo imfihlo ngane yami ngitshele nami ngizozila kunye nani.”

Amoyizele amuchazele konke sekungene noNtwenhle.

MaScelo:”Ngizozila nani.”

Thabo:”Ukuba nomama phakathi kwethu kuzokwenza ukukhala kwethu kuzwakale, siyabonga ma.”

Kuqhamuke uScelo azicabangela izinyoni zakhe uhamba ubheke phansi, makasondela ngakumndeni abingelele uThabo asukume aye kuye amubuke. Amangale uScelo naye amubuke bese ubuka abanye. Amubuke uThabo makathi ubheka uMandla naye umubhekile. Babuye babhekane bobabili baphinde babheke uScelo.

Thabo:"Unjani Bhungane?"

Scelo:"Ngiyaphila."

Ahambe ayohlala phansi uThabo belokhu bebukana benoMandla ngathi bakhuluma ngamehlo.

Thobile:"Angazi noma ngizobe sengibheda na kunazisa manje Thabiso."

Thabo:"Asikhuleke kuqala ndlovukazi abafana bazophazamiseka emqondweni."

Thobile:"Uyazi?"

Thabo:"Ngiqeda kubona manje, kukhona nokunye"

Scelo:"Ngavele ngangazi ngithinike manje ngoba angiqondi kukhulunywa ngani."

Thobile:"Ungakhathazeki akusikho into enkulu kangakho, ngiyaxolisa akuphekwanga namuhla ngenxa yok..."

Amungene emlonyeni

Scelo:"Ngizwile manichazela umama ngizozila nani nami angazi noma kuzobakahle na."

Mandla:"Ayikho inkinga bafo futhi wena mawuzila kuzothuleka lento esemahlombe kuwe."

Thabiso:"Kukhona enikubonile yini futhi?"

Mandla:"Ngicela nibize uNqobile noma angazolala ngapha masiqala umkhuleko"

Manqoba:"Ngizomubiza."

Asukume abuye naye usazigqokele izinto zakhe zokulala uyabonakala ukuthi umuvusile ubhuti wakhe abesalele vithi ubuthongo. Amangale indlu igcwele kukhona nomkhulu wakhe.

Nqobile:"Hawu sanibonani mkhulu"

Aye kumkhulu kuqala amuhage

Thabo:”Hlala phansi sesi.”

Ayohlala celeni kwababa wakhe.

Mandla:”Uyakhumbula ngenkathi ngibona okuthile kuwe?”

Avume

Mandla:”Ngeke sikhone kukutshela manje kepha size la njenge zithunywa zeNkosi sizokhuleka la ekhaya nawe phakathi namuhla akudliwa soze sikhululeke ngehora lesithathu, uzokhona kuzila?”

Nqobile:”Ngizozama baba.”

Bahlale kuthi ngehora lika8 baqalele ngomkhuleko…..

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Mkhaliphi:”Kwaze kwathuleka namuhla.”

MaMkhaliphi:”UThami angithi usizele nabangani bakhe basishiya ngesizungu.”

Thami:”USmanga ubuya nini kanti?”

Mkhaliphi:”Uyasiziba manje wabuza ngobhuti wakho"

Thami:”Bengithi bazoshesha ukubuya bahawulisa umntwana.”

Bandi:”Angihawuli mina baba ngiyathanda la ngoba ngibukela nomabonakude ugogo uyangiyeka.”

Bahleke

Mkhaliphi:”Uyabona kuthi umosha ingane kaSmanga uzosishaya uMasondo"

Bandi:”Ngeke anishaye umkhulu akakwazi ukugijima ngoba unedolo elikhulu.”

MaMkhaliphi:”Hawu bandla alikalungi ledolo kunini lamuqala.”

Mkhaliphi:”Kunzima emhlabeni mhlawumbe into yokwenziwa le.”

Bandi:”Gogo yazi ekhaya kukhona isihlahla esibukanayo sinamehlo anje.”

MaMkhaliphi:”Hayibo siyakubuka nawe?”

Ahleke uMkhaliphi noThami.

Mkhaliphi:”Soqalile bukela lezinto zakho.”

MaMkhaliphi:”Yazi baba ngiyacabanga ngoba bahambe izinsuku bangabuyi kusobala sebalungisile.”

Mkhaliphi:”Mina ngabona ngomama mfana aphuma akhophozela ayongena emotweni ekuseni ngalosuku abahamba ngalo kuthi hhayi uyinqobile undodana madoda.”

MaMkhaliphi:”Hawu baba awusangihlebeli.”

Mkhaliphi:”Angithi ubuhlezi unoManqoba.”

MaMkhaliphi:”Sengimukhumbulile nomsindo wakhe, uqede namaqanda”

Ahleke uThami

Thami:”Hayibo ma muyekeni ngizoyithenga igiloza masengihamba.”

MaMkhaliphi:”Angibalisi ndodana kuyangihlekisa nje indlela adla ngayo.”

Mkhaliphi:”Imali uyithathaphi wakhuluma ngokusithengela igiloza nje?”

Thami:”Ubab’Tshabalala wangikhokhela ngokumsiza ngecala.”

Mkhaliphi:”Hawuuuu ndodana bekungamele uyithathe angithi uhlala kwakhe.”

Thami:”Angikayisebenzisi wangiphoqa futhi kuthi ngiyithathe.”

Mkhaliphi:”Yibeke ndodana imali yakho sizokuthenga okushodayo, masonento ekuhlekisayo egqoka ilokwe uzoyithengela oncamnce.”

Thami:”Yini lokho manje baba? Ungifundisa izinto engingazazi mama uyamubona.”

MaMkhaliphi:”Hayisuka ungazenzi ngathi awazi ukhuluma ngani uyihlo, futhi sekakhona ngiyasola mina.”

Mkhaliphi:”Mina ngamubona eme celeni kwehhoko lezinkukhu akhuluma ngocingo ngabona lapho kuthi nayoke imbali izohluma kwaMkhaliphi.”

Abheke phansi uThami

Mkhaliphi:”Ungakhohlwa izifundo zakho ndodana abesifazane bahlezi bekhona abayi ndawo"

MaMkhaliphi:”Ubaba uqinsile ngifuna kuhlala ngiziqhenya ngawe njengalenkathi ngikubona kumabonakude. Uya kude ndodana qhubeka njalo"

Mkhaliphi:”Ukhona yini noma uyadlala?”

Thami:”Eyyyy baba uyabonake ngizokutshela masekukhona uSmanga bengifuna kukhuluma naye kuqala.”

Bangene abazali bakaBandile asukume ayoziphosa kunina, uSmanga abandlule ayohlala nomndeni wakhe.

Smanga:”Sanibonani"

Mkhaliphi:”Hawu Mkhaliphi wahamba amalombolombo wangabika uhlangabezane nenkinga na?”

Smanga:”Cha baba konke kuhambe kahle besesibuka indawo kanti nomama Bandile ufike wabona okunye indlovukazi yamumukisa khona.”

MaMkhaliphi:”Mina ngizitshela ukuthi usekhaya kubo kanti nahamba nonke"

Babukane amoyizele uSmanga uFikile azibukise indodana yakhe.

Smanga:”Silungisile nomama Bandile, makabuyela emuva nje namuhla ngifuna ajike nencwadi azoyinika ubaba ekhaya ngiyamulobola uma wengane yami"

Asukume umaMkhaliphi alilizele, uMkhaliphi alokhu anqekuzisa ikhanda lakhe. Ahleke uBandile uchazwa umsindo owenziwa ugogo wakhe.

MaMkhaliphi:”Hawuuuuu ndodana yebaba uzwile? Ngisayokhetha inkukhu engizoyihlaba ihambe nalencwadi. Phela akasifuni uMasondo"

Fikile:”Ubaba akusiye umuntu olikhuni uzovuma.”

Kukhale ucingo lwaThami alubambe aphume

MaMkhaliphi:”Nangu omunye ungalinge ukhulelise lengane ekufonela kangaka wena.”

Aphume angamunaki umawakhe

Thami:”Ntokazi.”

Nqobile:”Thami umndeni wami uyangithusa ngathi impilo yami isebungozini angiqondi kahle"

Thami:”Kungani usho njalo?”

Nqobile:”Baphelele obaba la ekhaya manje bathi sizile kumayelana nami abafuni nokungichazela.”

Aqale achiphize uThami ezwe ubuhlungu ngoba uNqobile akusiye umuntu wokukhala.

Thami:”Yazi asenzeni lalela abantu abadala ungalokhu uziphathisa ikhanda ngokukhala bona bayazi abakwenzayo bazokuvikela, uyezwa?”

Nqobile:”Ngiyezwa.”

Thami:”Uyafuna uhitman wakho azile kunye nani noma ngikude?”

Nqobile:”Ungakwenza lokho?”

Thami:”Uma kuzophephisa uthandiweyo wami, isphalaphala sami ngizokwenza"

Nqobile:”Ngiyabonga siqale manje ngo8 makuhlangana ihora siyakhuleka imizuzwana, manje sisenze umkhuleko wokuqala omunye sizowenza ngo9.”

Thami:”Ngizokhuleka manje kuthi uphephe lento abayikhulekelayo yenzeke noma ngingazi yini kepha uNkulunkulu uyazi.”

Ezwe bemumemeza uNqobile ngale.

Nqobile:”Kumele ngihambe my hitman phela akumelanga ngibematasa ngocingo, ngeke ungithole kuwhatsap yonke indawo"

Thami:”Ukhulule inhliziyo sthandwa  sami angifuni kulahlekelwa nguwe, ngiyakuthanda"

Nqobile:”Nami ngiyakuthanda.”

Aluvale uThami akakwazi nokukhuleka lento imuzwise ubuhlungu azibuze ukuthi kungaba yini le noma uyagula uNqobile.

Babalo:”Kwenzenjani?”

Athuke usesi wakhe sekahlezi ngaphandle ekuseni nje.

Thami:”Akulutho kungani uhlezi la?”

Babalo:”Ngiyacabanga ngibona abangani bengiphila nabo sebangindlula ngathi abangazi, abanye bahleka ngize ngibone.”

Thami:”Luzovela usizo sisi bekezela"

Babalo:”Uyabona iNkosi mayingangivusa la ngeke ngikhohlwe yiyona.”

Thami:”Kuzolunga sisi"

Angazi ukuthi athini kusisi wakhe uThami

Thami:”Awusafani naseqaleni sisi ngisho nesikhumba sakho, ngiyakholwa uyalulama"

Babalo:”Ugcine nini kukhuluma noSphe?”

Thami:”Kudala.”

Uyamukhohlisa nje ngoba akafuni kumuzwisa ubuhlungu akhumbule umlayezo okumele awunike uNobuhle.

Thami:”Ngizokubona sisi ngisaphuma.”

Aphume uhamba ucabanga lento ayitshelwe uNqobile uzwa asaba nokufonela uManqoba ngoba nakhu bathulile nabo mhlawumbe bamatasa kakhulu. Ahambe elokhu ecabanga masekazofika nangu uNobuhle bazohlangana.

Thami:”Hawu uyaphi ngoba mina ngize kuwe?”

Nobuhle:”Ngiya kini bhuti ubaba uthi angibize usisi.”

Thami:”Ngobani kunenkinga?”

Acabange uNobuhle ukumtshela abuye azikhuze phela lendaba yesihlahla iyisimanga ayikholwakali nje.

Nobuhle:”Konke kukahle, uphi umngani wakho namuhla wahamba wedwa?”

Amoyizele uThami

Thami:”Kungani ungibuza yena, ukuchazile?”

Nobuhle:”Hhayibo bhuti ngiyazibuzela nje.”

Thami:”Asiqhubeke siye ekhaya uzomubiza usisi"

Abheke emuva kuqala uNobuhle kube nzima ukuqhubeka.

Nobuhle:"Bhuti angiqondile kukweyisa ngicela umutshele usisi ngiyancena kushiya ubaba."

Thami:"Hawu ngobani?"

Nobuhle:"Akalelanga kahle manje ngimugadile."

Thami:"Kulungile bona uManqoba kufike umndeni wakhe bamuthatha namuhla ekuthatheni kokusa kunento evelile kubo."

Inhliziyo ibe buhlungu kuNobuhle angakhoni nokufihla, noThami amudabukele njengomuntu okhanyayo amane abe bomvu nje ngokushesha.

Thami:"Uthe angikutshele ukuthi lento akutshele yona uqinsile ungakhohlwa kuyohlezi kunjalo"

Avume ngekhanda uNobuhle

Thami:"Nobuhle kwenzenjani?"

Zehle izinyembezi

Thami:"Hayibo asambe siye ekhayake uzokhuluma nosisi wakho uyangikhathaza manje."

Azisule izinyembezi

Nobuhle:"Cha ukuthi kuningi okwenzekayo kimi engingakwazi angikhoni nokukuchaza, selokhu ngibone uManqoba ube nendlela nje ayenzayo kuthi nami ngizibone njengomuntu kengihleke. Manje ngoba sekahambile angavalelisanga angazi ngithini bengicabanga ukuthi ngizomubona kini"

Abeke izandla ebusweni uThami angazi noma amuthulise noma athini aqale athalaze bese umubeka isandla ehlombe.

Thami:"Angazi kwenzakalani kodwa ngicela la enhliziweni yakho uhlale wazi ukuthi uManqoba uyakuthanda futhi uzobuya. Naye uhambe nenhliziyo ebuhlungu abefuna kuzokuvalelisa kodwa bamunqabela abantu abadala."

Nobuhle:"Ingabe kukude kubo?"

Thami:"Kukude Nobuhle."

Nobuhle:"Wena uzohamba nini?"

Thami:"Kumele ngihambe ezinsukwini ezimbili kepha ngenxa yokuthi ngahamba ngingalungisanga izinto zami zesikole sengihamba kusasa."

Nobuhle:"Ngicela kukuphelezela masohamba ngizokugibelisa ematekisini ngizokuphathisa okuthile kwaManqoba."

Thami:"Kulungile."

Bavalelisane bafulathelane masekahambe ibangana amumemeze futhi uNobuhle.

Nobuhle:"Bhuti."

Abheke emuva agijime asondele kuye

Nobuhle:"Uhamba ngobani isikhathi?"

Thami:"Ngo11, ungangiphathisi inkukhu ephilayo phela."

Ahleke uNobuhle

Nobuhle:"Ungowakabani isibongo uManqoba?"

Thami:"WakaTshabalala."

Athuke sekaphendulile ngoba uManqoba akafuni azi kuthi wasebukhosini, amoyizele uNobuhle ahambe asale amubuka uThami. Naye uhamba kusasa nje udliwa ilento ayitshelwe uNqobile kungene umlayezo ocingweni lwakhe awufunde.

Nqobile:*Sekulihora khuleka nathi.*

Amoyizele abuyele emuva akhuleka ngenhliziyo azizwe sekakhumbula usesi wakhe manje uSphelelo.....

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI 🌼

LETHABO T🌼

80🌼

KWASAMBULO🌼

USambulo uhlezi nowakwakhe bayazixoxela baphazanyiswe ucingo lapho alubambe.

Sambulo:"Baba fede."

"Ndodana ngiyakudinga ngiza lapho manje ngiyagibela."

Sambulo:"Ngabe yonke into ikahle baba?"

"Idinga wena njengoba ngake ngakubekela ukuthi ngizokudinga, ngicela ungikhulule ngiyazwakala manje."

Sambulo:"Awukasuki eKapa?"

Khans:"Ngisesikhumulweni sezindiza manje."

Sambulo:"Kulungile thayma ngizobona ngawe sofika."

Khans:"Wola."

Aluvale asale emangele

Gabi:"Kwenzenjani?"

Sambulo:"UKhans lo usamkhumbula?"

Gabi:"Ngiyamukhumbula, uthi kwenzenjani?"

Sambulo:"Uthi unenkinga engidingayo."

Gabi:"Ungazikhathazi uzozwa ngaye makafika ukuthi ufuna ini, ithi ngiyolungisa legumbi elinye"

Sambulo:”Cha ngeke ngivume alale la endlini lobaba use kabi angaze angithathele wena.”

Bahleke bahlale balinde kuze kushaye isikhathi sokumlanda esikhumulweni.

Sambulo:”Asambe"

Gabi:”Cha hamba mhlawumbe uzofuna kuzixoxela nawe ngezinto zenu angifuni ukuba sendleleni, mina ngicela ungishiye kamamkhulu ngizobona umama.”

Sambulo:”Uzojabula kunini athi ngikucele ubavakashele.”

Baphume ayomushiya khona yena aqhubeke nohambo lwakhe, makafika sekamulindile uKhans baxhawulane.

Sambulo:”Angikulindisanga kakhulu?”

Khans:”Cha bengisabuka indawo ngakhathazeki"

Sambulo:”Asambe ufuna siqonde ehhotela noma usafuna ukujika?”

Khans:”Ndoda asiye la esizoxoxa khona kahle singaphazamiseki.”

Sambulo:”Ngoba inkosikazi ayikho endlini asiye khona.”

Babuyele kaSambulo bafike bahlale uSambulo amuthelele okuphuzwayo.

Khans:”Ndodana uyakhumbula ngesicelo sami?”

Sambulo:”Siphi konje?”

Khans:”Sokushiya izinto zami ezandleni  zakho.”

Sambulo:”Ngiyakhumbula.”

Khans:”Sekuyisikhathi manje akusasebenzeki futhi ngiyawuzwa umzimba uyakhathala.”

Sambulo:”Hayibo baba uyazi ngoba ngingakuniki impendulo benginethemba lokuthi uzoshintsha umqondo wakho unike uKabelo noma omunye wezingane zakho.”

Khans:”Sambulo ngiyohamba ngikhululekile mangishiya konke ezandleni zakho, ngiyazi umndeni wami ngeke ubulawe indlala, abafundayo uyaqhubeka nako.”

Sambulo:”Kunento ongayizwisisi la, ngeke lento yehle kahle ezinganeni zakho.”

Khans:”Ngabatshela bamukela wena uzobheka nje kuthi amashishini angawi phansi, umndeni wami uzoqhubeka ubanike imali engibanika yona manje.”

Sambulo:”Baba ifa liyaxabanisa kubanzima kakhulu lelofa malizoba sezandleni zomuntu ongasiwo nakancane umndeni ngeke bamukele.”

Khans:”Ndodana bayazi akukho noyedwa onenkinga, sahlukana uthi usayocabanga manje ngicela uvume.”

Sambulo:”Baba indaba yeshishini lezidakamizwa nama diamond umndeni wakho uyazi ngalo?”

Khans:”Abazi.”

Sambulo:”Inkinga izoba lapho mina angisafuni okuzongihlanganisa nobugebengu manje. Imali yakho eningi iphuma lapho umndeni wakho uzitshela ukuthi iphuma kulawa amanye amabhizinisi kanti cha. Mina angisafuni lutho ngobugebengu.”

Khans:”Ungangilahlekiseli izandla ndodana, uyazazi izingane zami ziyabhayiza ngathi azizalwa yimina.”

Asukume uSambulo ayoma ngasefasteleni.

Sambulo:”Thatha uKabelo mina ngizomubonisa la ahlangabezana nenkinga khona kuphela, mangibuyela kulempilo kuzomele ngiphile impilo yokucasha ngihlale ngigadiwe njengawe. Uyabona ngiziphilela lula njani.”

Asukume uKhans asondele kuye babhekane emehlweni.

Khans:”Ngibuyela emuva manje ngizokushayela mangifika le ngicela ungiphe impendulo ephilayo, wena kumele uphilise umndeni wami"

Sambulo:”Uyangiphoqa nje wena.”

Khans:”Angikuphoqi kodwa ngikholelwa kuwe kuthi uzosiza umndeni wami.”

Sambulo:”Baba kungani ungayekeli leshishini lamadayimande nezidakamizwa uqhubeke nalawa akahle laphoke ngizowathatha”

Afulathele uKhans aqonde emnyango

Khans:”Ngizokushayela"

Sambulo:”Manje usuyahamba?”

Khans:”Ngiyayazi lendawo ngeke ngilahleke  kudala ngikulandela ngifuna kubona ukuthi mhlawumbe kukhona okwenzayo okwenza ungavumi kuthatha izinto zami. Manje ngibonile impilo hakho iyakhinya thatha le eyami manje ngisaphila konke kuzoba kahle.”

Asondele kuye uSambulo

Sambulo:”Mawuzongiphoqa kanje uyazi ukuthi ngingawacekela phansi amashishini akho ngamabomu.”

Khans:”Lokho ngeke ukwenze ngoba uzofa"

Sambulo:”Ngathi uyangisongela.”

Khans:”Cabanga ukhumbule futhi ukuthi uKhans akufunayo uyakuthola, mfana kudala ngiwa ngivuka nawe usuhlulwa into encane kanje."

Ashaye ikhwela aphume uKhans asale edonsa umoya ayozilahla kusofa acabange, ashayele uKabelo umngani wakhe ohlala eKapa.

Kabelo:”Ola njayami.”

Sambulo:”Hhoyi.”

Kabelo:”Zikhiphani wabaphansi nje ngathi ukorobha amatiles.”

Adonse umoya

Sambulo:”Umugcine nini uKhans?”

Kabelo:”Gester maubani kuhambani?”

Sambulo:"Ubukeka anjani?"

Kabelo:"Ayyyy lethayma ayicamthi nathi uyazi ifeyva wena kodwa iyabonakala ayimnandanga ngathi iyabhoda."

Sambulo:"Kulungile ngizobuye ngikuthinte."

Kabelo:"Sho ntwana ungangeni emafini nawe."

Sambulo:"Sho."

Kungene imilayezo eminingi ilandelana asakha amanzi abuyele ocingweni lakhe alubheke, izithombe zabo bonke ubugebengu ayebenzela uKhans. Kubonakala kuyacaca kuthi nguyena, okunye amavideo. Kukhona umuntu abamuthengisela izidakamizwa kanti uKhans wayesefuna ukumbulalala waxuba lezidakamizwa noshevu. Kubonakala uSambulo amunika lephakeshana akuthathe aqonde endlini encane yasetarven lapho ayibheme imushaye phansi ngaleso sikhathi.

Indaba yalomuntu yaduma umhlaba wonke kufuneka umbulali umndeni wakhe ucebeli akukho abangazange bakwenze kepha uKhans wavala kwangabonakala lutho. Icala laze laphelela emoyeni. Athuke uSambulo, abone kwenye intombazane ayelala nayo badla izidakamizwa ndawonye wase uyaphuma uSambulo makabuya intombazane ifile. Wathuka wathatha isidumbu sayo wayosilahla wabuya wasusa bonke ubufakazi.

Kuvele izithombe zaGabsile nomaButhelezi kanye nomaNdlovu bahlezi ngaphandle kwamaButhelezi, athuke aqhaqhazele makabona ukuthi izithombe zanamuhla lezi ngoba uhambe agqoke kanje. Kungene omunye futhi.

Ezinye ezenkosikazi kaMlungisi usesi wakhe, phakathi ebukhosini. Athuke ukuthi ukwenze kanjani lokhu ngoba kuyaqashwa ebukhosini noma kukhona osebenza khona oyimpimpi yakhe.

Khans:*Lokhu kumele kukugqugquzele usheshe ukuthatha isinqumo uKhans uhlala akuthola akufunayo shesha tik tok.*

Ashayele uGabsile angalubambi ashayele umawakhe lutho naye ngisho nobaba wakhe, athathe bokhiye bemoto makafika ngaphandle amasondo apantshisiwe. Kuthi ahlanye uSambulo ashayele uThemba.

Themba:”Ndoda.”

Sambulo:”Ngidinga usizo lwakho ndoda ngilande kwami manje.”

Themba:”Kwenzenjani?”

Sambulo:”Manje Themba.”

Aluvale ahlanye la ngaphandle umndeni wakhe ungabambi ucingo akasakhoni nokuphefumula, uThemba ngathi naye akafiki. Akhiye endlini aphume angene indlela aqhamuke sekaphakathi nomgwaqo uThemba. Agibele naye sekamangele ngoba uyamazi uSambulo.

Sambulo:”Siya ekhaya.”

Themba:”Endlini emhlophe?”

Sambulo:”Sho.”

Ayinyathele angahluphi nangokumbuza kuthi kwenzenjani ngoba uyamazi makanje. Ashayele bafike ngokushesha mabangena kugcwele izingane ngaphandle. Amubone uGabsile nomawakhe baphakela lezingane ukudla. Azibambe esifubeni kube ngathi uphelelwa amandla abambezele ngoThemba kwehle izinyembezi. Amubambe uThemba basithele ngale kwendlu bahlale phansi.

Sambulo:”Kuphelile ngami ndoda izinto ebengizenza ngidukile seziyangilandela.”

Themba:”Kwenzenjani?”

Sambulo:”Ngicela ungibhekele umndeni wami.”

Kungene omunye umlayezo

Khans:*Ungalinge ucabange kuhlasela ngoba ngeke ngikubulale kepha ngizoya kodlwengula umawakho nomkakho bese ngiyababulala nya.*

Asalubhekile lucisheke amangale awucinge umlayezo lutho awukho, abheke uThemba asukume abuyele ngale kumawakhe. Bamangale mabababona baqhamuka emva kwendlu, umawakhe ezwe ngovalo olumshayayo ukuthi indodana yakhe ithwele umthwalo. Afike abize uGabsile basuke kancane amuhage eside isikhathi.

Gabi:"Ukahle?"

Sambulo:"Ngikahle ngikukhumbulile hawu ngiyanishayela nomama anibambi ucingo lwami."

Gabi:"Ohhhhh lusendlini olwami angazi olwamama lukuphi, awubukeki ukahle kwenzenjani?"

Bayakhuluma nje umaButhelezi ubabukile uzama kufunda isimo sendodana yakhe....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMMASONDO🌼

Angene endlini uNobuhle uyise amubuke sekahlezi esofeni wakhe.

Masondo:"Hawu Dudlane wabuya ngokushesha nje?"

Nobuhle:"Baba uvukeleni ngoba aweneme kahle, buya uzophumula nomzimba ubekahle."

Masondo:"Ngizizwa ngikahle sesi, uthini udadewenu kumele ngimubone kungakabi isebusuku"

Nobuhle:"Ngihlangane nobhutThami eza ngapha ngase ngiyamutshela bengikhathazekile kukushiya wedwa"

Athinteke uMasondo indodakazi yakhe inenhliziyo enhle futhi inothando, bahlale kuthi masekalungisela ukupheka isidlo sakusihlwa. Akasahlalisekanga uMasondo uyabona liyashona uze uzibuza ukuthi ingabe uwutholile umlayezo na uFikile.

Afike uFikile nendodana yakhe bangena bayazixoxela nje uMasondo abheke injabulo ekumzukulu wakhe afikelwe umunyu.

Fikile:”Sanibonani baba, kwenzenjani entanyeni Nobuhle.”

Abheke ubaba wakhe lomuhuzuko athuke abheke udadewabo omncane.

Masondo:”Shayela uyise kaBandile abuye azomuthatha ngifuna kukhuluma nani, umutshele abuye emva kwehora azolanda nina"

Babhekane anganqabi uFikile ngoba uBandile umthathe angafuni amushayele ngenhlanhla usasengaphandle ulinde kubona ukuthi uzobamukela kahle ubaba wabo na. Angene uSmanga afike ahlale phansi uyazi akamufuni ubaba Fikile kepha namuhla ubukeka ephansi akazimiselanga ukulwa naye.

Smanga:”Sanibonani baba"

Masondo:”Unjani Mkhaliphi?”

Smanga:”Ngiyaphila baba.”

Masondo:”Konke kuhambe kahle ngalomkhuleko?”

Aswace uSmanga ukhohliwe amaqhinga akaThami noManqoba.

Fikile:”Ubaba ucela ujike noBandile kukhona afuna kukukhuluma nathi.”

Adideke uSmanga kepha angabuzi phela ubaba wabo lo uyazi uyawathanda amadodakazi wakhe.

Smanga:”Ayikho inkinga baba, asambe boy.”

Asukume makafika emnyango

Masondo:”Mkhaliphi ngicela ubuye emva kwamahora amabili uzolanda laba bobabili bazobuya kusasa.”

Smanga:”Ingabe yonke into ikahle baba?”

Masindo:”Konke kukahle.”

Baphume beno Fikile bavalelisane mabafika esangweni.

Fikile:”Sthandwa sami ungabuyi ubaba ngathi uyagula angimazi uhlose ukwenzani ngoba asixosha nje, ngizokubona kusasa.”

Smanga:”Uzobona ngathi ngiyamudelela mangingabuyi."

Fikile:”Ungabuyi ngizobona ngithini kuye"

Smanga:”Kulungile ngiyakuthanda uyezwa?”

Fikile:”Ngiyakuthanda nami"

Baqabulane abuyele endlini makangena abone lokukhanya ngathi kuyandlula celeni kwalesihlahla athuke angene endlini ngokushesha. Ahlale celeni kwababa wakhe uNobuhle uhlezi kolunye uhlangothi, lokukhanya kubhanyaze futhi athuke uNobuhle babhekane nosesi wakhe.

Nobuhle:”Baba"

Masondo:”Mantombazane ami lokhu engizonitshela kona angazi kuzonenza ningibuke ngiwumuntu onjani"

Abheke isikhathi

Masondo:”Kungakashayi ihora lesikhombisa nje kumele ngibe senginitshelile.”

Fikile:”Kunani ngehora lesikhombisa?”

Masondo:”Ngiyanithanda zingane zami mina ngiwumzali oziqhenyayo kakhulu ngani lokho nihlale nikwazi. Uyakhumbula Fikile ngosuku umawenu anyamalala ngalo?”

Fikile:”Ngiyakhumbula baba, wanginika uNobuhle asemuncane wathi uyabuya emva kwengxabano yakhe nogogo."

Masondo:”Ugogo wenu wayengumuntu ogangayo kepha thina singazi nezingane zasekhaya wayethakatha asatshwa kakhulu. Mangishada umawenu azange afihle vele washo ukuthi akamuthandi, angazi kwabanzima kuphi izinto zakhe zingasebenzi ngoba azange sihlukane kwaze kwavela nina nomfowenu uBuhlebendalo. Ngenye impelasonto ngahamba kwakunomsebenzi komunye umuzi ngale ngapheseya nani senikhona. Mangibuya lapho ntambama umawenu wayengekho, ngabuza umama wathi akazi. Kwaphela izinsuku ezintathu angabuyi ngaqala ngakhathazeka ngaya kubo, nabo bamulandula samufuna saze samukela ukuthi akekho.

Emva konyaka sengizikhulisela nina umama wayengangisizi ngalutho wayenonya umama kodwa imali yami ayifuna la. Ngangivuka nginigeze ngibelethe uDudlane wena ngikubelethise uBuhlebendalo niyosala khabo mawenu nomamncane wenu bese ngimukisa wena esikoleni.”

Fikile:”Ngiyakhumbula baba.”

Masondo:”Emva konyaka umawenu anyamalele ngathatha isitulo ngayohlala kulesiya sihlahla kwakushisa impela umama engekho. Ngahlala laze lashona ilanga  kwaba mnyama ngizicabangela nami masengithi ngiyasuka ngezwa iphimbo elikhalayo. Okokuqala ngathuka ngabaleka kepha ngajwayela kuya khona lephimbo lilokhu likhala. Ngaya komunye ubaba babethi uMagagula ngamazisa wathi uzoza mzukwana umama engekho ngimutshele."

"Ngempela ngamazisa umama wayengekho esemlindelweni wafika wachela ngezinto zakhe wagubhela okuthile lapha. Ngisabukele lento ayenzayo kwazwakala iphimbo  likamawakho ngathuka ngacishe ngawa phansi. Ngakhuluma naye washo ukuthi umama umuphose ngekati elimnyama lamumunca umphefumulo bawufaka kulesihlahla."

" UMagagula wangitshela ukuthi ngeke asaphuma umawenu lapha komele ngigade ingane eyodwa nginikele ngothando lwayo kuze umphefumulo wakhe uzophuma lapha naye aphumule njengawowonke umuntu ongasaphili.”

Adonse umoya uMasondo abheke amadodakazi akhe amulalele ajulile.

Masondo:”Yena umawakho wazikhethela uNobuhle wathi kuzobalula ngoba usasemsulwa futhi ngimuteketisa ngegama likamawakhe. Inyanga yathi izokwenza izinto zibe lula kumawenu

angashi lapha phakathi kepha aphumule kahle uNobuhle aze abe neminyaka ewu18 egcwele. Lapho konke kuye kuzabe sekubonisa ukukhula songena esigabeni sokuba owesifazane. Mina okwakumele ngikwenze ukuhlaba njalo ngosuku lwakho lokuzalwa ngichithe igazi lenkunzi kuthi umphefumulo wamawenu uphumule.”

Nobuhle:”Hawu baba, bazali bami.”

Fikile:”Mawunikele ngaye kumele enzeni afe?”

Masondo:”Cha ngeke abe nothando lomuntu wesilisa uzohlezi emsulwa angathintwa muntu, noma umphefumulo sophumile kulesihlahla yena uzohlezi anenzondo. Mina iphutha engilenzile ukungayi kuyovuselela futhi ngonyaka ondlule benginganayo imali yenkunzi azange ngihlabe umawenu ungiphendukele sengiphilela kushawa nguyena, angilali uyangikhama. Futhi manje sekangena nala endlini enze kubande ngenye indlela.”

Babhekane

Fikile:”Lokukhanya kwalesihlahla nguyena umama?”

Masondo:”Yebo mntanami, Nobuhle ngiyaxolisa mina ngathatha ukuthi kuncono ngeke ufe noma ungeke ulwazi uthando impilo yakho yonke kepha mina ngizokubonisa uthando lomzali"

Fikile:”Yingakho ungafuni ngoNobuhle kanje, yingakho umfundisa ngemali yakho yokugcina?”

Masondo:”Ngenzela ukuthi akhone ukuzimela ngoba engeke abe nomuntu aphilisana naye.”

Nobuhle:”Manje makungab khona engimuthandayo kuzokwenzakalani?”

Masondo:”Umawenu uthukuthele nami angisakwazi okuhle nokubi, uMagagula wayethe uzohlala akwenza ungathandi muntu ngoba mawungathanda umuntu konke kuzomosheka, mina ngizofa kodwa anginandaba manje. Makumele ngife angifeke Nobuhle ngiyaxolisa.”

Fikile:”Yingakho anenzondo engaka uNobuhle"

Abheke ingane yakubo ayibambe ngesandla esinye sibambe uyise wakhe.

Fikile:”Baba angazi kanjani kodwa mina ngikufuna uphila uSmanga ucele usuku azongilobola baba uzongishada silungisile ngiyamuthanda. Ngifuna kube uwena owamukela amalobolo lawo

kudala uwa uvuka nathi, ngifuna kubanjwa isandla sakho esontweni uyonginika uSmanga baba ngicela siyilwe lento."

Nobuhle:"Nami angikubeki cala baba ngoba angikhumbuli nangelilodwa ilanga usihlukumeza ikakhulukazi mina. Awukho umhlangano wasesikoleni ubungayi kuwo. Akukho okwesikole obungangenzeli kona ngifuna masengiphothule izifundo zami nami baba ube ukhona. Lapha kulesihlahla angicabangi ukuthi kusewumphefumulo kamama. Angaba nenzondo kangaka akwenze lento ahlala ayenza."

Masondo:"Nguyena mntanami manje uyabila, ngiyazi nje phakathi nobusuku uzongena la endlini angikhame kuze kulamule ukukhanya. Beningangizwa angazi kwenzeke njani ukuthi ungizwe ukusa kwanamuhla."

Fikile:"Baba ugogo wayengamufuni umama ngiyakhumbula kepha le yokuthi wamubulala angiyivumi. Mina ngangikhona ngizidlalela la phansi bathethisana ngoba kwase kujwayelekile ngangingabanakile kepha umama nguyena owabutha ikati phansi waliphosa kugogo. Wamemeza ugogo umama wase unginika uNobuhle athi uyabuya, uBuhlebendalo wayelele. Wahamba kanjalo azange ngiphinde ngimubone kanti ugogo wasala awile nami ngaphuma ngoba ngisaba ukumuthinta angithi wayengafuni simuthinte."

Amangale uMasondo aze asukume

Masondo:"Unesiqiniseko Fikile?"

Fikile:"Ngiqinsile baba."

Masondo:"Kanti kwenzakalani?"

Fikile:"UMagagula lo uthi yini ezoxosha lobumnyama?"

Masondo:"Wathi silinde uNobuhle ahlanganise u18 ogcwele bese kuyahlatshwa umphefumulo ubuzophuma lapha."

Fikile:"Baba ukube uNobuhle wahlangana nomfana wamuthathela ubumsulwa bakhe bekuzokwenzakalani?"

Masondo:"Kusobala lento abayenzayo ibizophelelwa amandla ngoba kubanjwe ngobumsulwa bakhe, angazi ngane yami angazi."

Basaphithene amakhanda kukhale umsindo wamakati abheke isikhathi uMasondo.

Masondo:”Emini kangaka bantabami hambani niye khabo Bandile lempi le eyami, mangifa akunandaba ngizohamba sengikhululekile ngilikhulumile iqiniso.”

Aye egunjini likayise uNobuhle abuye nalento eyaphekwa uManqoba ayifafaze emnyango, kuthuleke babukane naye ayibheke sekusele encane.

Nobuhle:”Ngenkathi ukhameka baba ngakufafaza ngayo.”

Fikile:”Sizohlala nawe namuhla baba asiyi ndawo uma kungumama ngempela lo uzoswaba angithi siyizingane zakhe.”

Masondo:”Ngiyabonga zingane zami"

Bahlale kanjalo bagade uyise bangalali nakancane kwaze kwashaya ihora lokuqala, waphinda umsindo wezihlahla wavunguza wuuuuuuuuuuu. Wasukuma uNobuhle waqonda emnyango.

Masondo:”Ndodakazi lento izokulimaza buya sihlale sonke ndawonye ayizwani nobumbano"

Nobuhle:”Angithi ifuna ubumsulwa bami ngeke ingenze lutho baba impilo yami yonke ngihlalele ovalweni ngenxa yento engingayazi. Mina ngizoma la.”

Kuvuleke amafastela kuphephezele namakhethenisi uNobuhle abaxake ukuthi isibindi nenzondo engaka kubuyaphi manje. Aqhubeke ngokufafaza ngala kuvela khona lomoya ushe uhluleke ukungena.

Nobuhle:”UFUNANI WENA LA UFUNANI MTHAKATHI NDINI, MBULALI.”

Uvunguze kakhulu umoya kuvuleke nomnyango eme uNobuhle avele unina konke okukuye kuyashunqa, izinwele ziyavutha izimpahla. Alule isandla uNobuhle asifafaze asisuse ngathi usha kabuhlungu akhamise kuphume nomlilo emlonyeni. Akhale anyobozele ayongena esihlahleni kuthi ngwe kuthuleke uMasondo asukume aye kwindodakazi yakhe ayibheke ayihage, uFikile avale umnyango bahlale lapho kuze kuse hluthu.

Fikile:”Kukhona okumele sikwenze baba ngoba nanamuhla usazobuya lomoya awukaqedi.”

Masondo:”Ngiyazi ngicabanga ukuya kulomama wangale.”

Amungene emlonyeni uFikile

Fikile:”Ngizobuza uSmanga baba kunabobhuti ababekhuleka ngomshado kaSphelelo into eyayenzeka lapha ngeke uyikholwe.”

Masondo:”Abantu esingabazi ngane yami.”

Fikile:”Kufuneka bona.”

Nobuhle:”Mina ngizohamba usuku lonke ngicabanga ukuthi singalali la size sithole labantu okhuluma ngabo sesi.”

Masondo:”Uhamba uyaphi?”

Nobuhle:”Kunento yesikole engiyoyiqedela.”

Masondo:”Ngizoya kabhuti ngoba naku nalento yalomfana seyiphelile.”

Nobuhle:”Mangibuya ngizokulandela baba"

Fikile:”Cha ubaba angimthembi ngizohamba nawe kuya kababomncane.”

Aye egunjini lakhe uNobuhle ageze aguduze aze ayithole into ayifunayo ahlale phansi ayenze ngendlela afuna ngayo bese uyayiphuthela kahle ayifake entweni efana nokhamba kodwa oluhle avale. Azilungise naye ayovalelisa abashiye belungisa nabo bavumelane ngokuthi bayotholana kwababomncane.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMKHALIPHI🌼

Sekaqedile uThami kuzilungisa wadla umawakhe wamukhulekela umfowabo umulindile kuthi amuphelezele. Makushaya nje isikhathi asitshele uNobuhle aphume elokhu ethalaza aze ayongena emotweni.

Smanga:”Kukhona omlindile?”

Aqhamuke sekagijima naye ehle emotweni amuhlangabeze afike sekahefuzela kuye uNobuhle aze agobe abambelele emadolweni akhe akhokhe umoya.

Nobuhle:”Uhamba nobhuti Smanga kanti?”

Thami:”Nginomthwalo omningi uyongibeka ematekisini"

Nobuhle:”Uzoba nenkinga mangihamba nami?”

Thami:”Asambe angiboni angaba nenkinga.”

Bahambe bayongena emotweni ababheke uSmanga asuse imoto aphinde ayimise.

Smanga:”Kwenzakalani kini?”

Thami:”Lutho bhuti.”

Smanga:”Manje zikhiphani?”

Thami:”Lutho ngiyathembisa"

Smanga:”Nobuhle uyazi ubaba ukuthi uzophelezela uThami?”

Abheke phansi angaphenduli

Thami:”Akwenzeki lutho phakathi kwethu ngiyakuthembisa awusangithembi manje?”

Smanga:”Mangabe niyathandana nizoshawa yimina kuqala ngeke nenze mina indawo yenu yokubonana uyangizwa Nobuhle.”

Nobuhle:”Eya bhuti"

Ayisuse  uThami abefuna kutshela ubhuti wakhe ngoNqobile manje ngeke asakhona ngoba nangu uNobuhle uzoze ezwe ukuthi uManqoba wasebukhosini. Bafike ematekisini behlike bamubambise bamubekele nezikhwama kahle.

Smanga:”Umama kodwa khona sekakwenzela umphako ongaka.”

Thami:”Bhuti inyanga yonke le.”

Bahleke

Smanga:”Asambe Nobuhle"

Thami:”Bhuti mana"

Anikine ikhanda uSmanga

Smanga:”Khuluma uqede ngeke ngikushiye la mina ngizokuyisa kini"

Nobuhle:”Ngiya kababomncane mangisuka la.”

Smanga:”Ngizokubeka khona.”

Nobuhle:”Ngizolindisa ubhuti kugcwale itekisi.”

Smanga:”Sizomulindisa sobabilike.”

Thami:”Yazi ugade into engekho.”

Anikine ikhanda abashiye ayoma emotweni yakhe uNobuhle asale abheka uThami ahle ayengezele izinyembezi makacabanga lento eyenzeke izolo. Uyabona ukuthi lobubi buzomuthola angakaboni uManqoba. Akhiphe lento bekayenza wayiphuthela ayinike uThami.

Nobuhle:”Ngicela umunike lokhu bhuti"

Thami:”Ngizomunika.”

Nobuhle:”Mawucabanga nje usazoke abuye ngapha uManqoba?”

Thami:”Ngikunike inombolo yakhe umushayele?”

Nobuhle:”Ucingo lwami luphukile alusebenzi.”

Thami:”Ngizomunika olwasisFikile.”

Nobuhle:”Ngicela umunike bhutThami lento ingalali kuwe.”

Akhiphe ucingo lwakhe uThami ashayele uManqoba lungangeni achofoze kancane akhiphe izinto zakhe ezibalulekile akhiphe nememory card kwifone.

Thami:”Thatha uzokushayela kulo nayi necharger yayo, angazi mina ngenzenjani ungizwisa ubuhlungu.”

Nobuhle:”Ngizosebenzisa olwasisi ucingo.”

Thami:”Luthathe njengoba ngishilo kuthi kukhona okwenzeka kubo angazi uzosithola nini isikhathi sokuthi akushayele. Makwenzeka akushayele ebusuku kuncono uzobe unocingo eduze kwakho.”

Aluthathe uyakhala alufake ekhikhini

Nobuhle:”Ngiya ngiya ngiyabonga bhuti.”

Thami:”Ubukeka ngenye indlela namuhla ingabe konke kukahle?”

Nobuhle:”Angazi bhuti futhi angazi noma uzongifica na uManqoba makabuya ngoba kuningi kuyangilandela angikwazi nokuthi kuyini. Ngiyezwa kuzongibulala mangabe ngizobe ngingakazibulali"

Athuke uThami nobhuti wakhe ubabhekile usola ngathi bayathandana.

“EMAHLUBINI OYEDWA LA OYEDWA OYEDWA, KUSHODA OYEDWA"

Amemeze umuntu aze aqhamuke ohamba yedwa amuvalelise uThami agibele etekisini ayibuke mayisuka makathi uyaphenduka nangu uSmanga umulindile. Abuyele emuva sekanamahloni ilento abacabangela yona benoThami. Agibele emotweni.

Smanga:"Ngiyolanda ubaba kanye noFikile nonke niya kababomncane"

Nobuhle:"Eya siya khona sonke, bhuti angithandani nobhutThami ngiyakuthembisa."

Smanga:"Kwenzakalani manje ngoba kuyabonakala lento ebeniyixoxa inzima"

Nobuhle:"Kunzima futhi nokuyixoxa"

Smanga:"Kulungile."

Baqhubeke nohambo lwabo...

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMAHLUBINI🌼

Sekuwusuku olulandelayo bakhulekile ngayizolo abakavezelwa ngesixazululo, manje bahlezi bayaxoxa kepha uThobile akekho mnandi ikakhulukazi makabona indodakazi yakhe. UNqobile ulele uqamele kubaba wakhe kusofa.

Thabo:"Bafo amahlombe awasasindi njengayizolo masikhuleka lokho kuwuphawu oluhle."

Thabiso:"Angisazi mina kanti manje ulindeni angazivezi?"

Thabo:"Yazi makunzima ubobuka uMandla, amandla akhe avele amuhlale ekhanda abhocobale manje ngoba sekavukwe ilomsindo wakhe konke sekuyakhanya kushoda nje kuvezwe kithi"

Thabiso:"Nami sengixoliswa ilokho."

Thabo:"UThobela uyeza nomkakhe kanye noSipho."

Thabiso:"Kulungile bafo."

BabThobela:"Thabiso lomfana wakho uManqoba uyabona uhamba ezithendeni zikaMandla."

Thabiso:"Ngalomsindo ngiyamubona"

BabThobela:"Cha naye ngathi kukhulu akufumbethe."

Ngale egunjini laboManqoba

Manqoba:"Baba ungithembisile kuthi uzongibuyisela buka manje ucingo lwakhe alusangeni mhlawumbe udubile."

Mandla:"Uzomubona Manqoba ngikutshelile umuntu noma umthanda kanjani ungazenzi imfaduko kanje uzodlala ngawe."

Manqoba:"Ngeke loya."

Mandla:"Hhey ndodana uyazi,mina ngake ngaba nesimomondiya engangisithanda umhlolo uthe asuka wahamba wayobhampisa izinqe ematshwaleni."

Bahleke abafana baThabiso

Mnqobi:"Hhayi uqalile baba."

Manqoba :"Uqinsile mina ngayizwa lendaba kancane."

Mnqobi:"Makusho wena bafo ngiyakholwa."

Mandla:"Ucabanga ukuthi mina nginamanga?"

Mnqobi:"Baba phela uManqoba manisixosha yena abejika anilalele enikukhulumayo"

Agegetheke uMandla

Mandla:"Ndoda wena awuzwa."

Ngale ngaphandle afike uThami bamuvulele isango angene makabeka unyawo nje kuthi angene amehlo akhe ahlangane newaNqobile ogone kubaba wakhe. Avuke gubhu babukane kepha asheshe kuwasusa  amehlo akhe uThami. Athuke kukhona nomkhulu wakhe kanye noThabo bonke bamubukile.

Thami:"Sanibonani."

Asukume uThabiso asuse uNqobile kuye ayoxhawula uThami.

Thami:"Ndodana usubuyile?"

Thami:"Eya baba."

Thabiso:"Kulungile ngiyabonga futhi ngokukhipha lesigebengu ejele"

Thami:"Eya baba."

Sekadlala ngesigqoka sakhe ubheke phansi

Thabiso:"Ungakhululeka."

Makaphakamisa amehlo ahlangane newamkhulu kaNqobile agobe ngokushesha athathe isikhwama sakhe aqonde egunjini lakhe. Afike adonse umoya abuyele athi uyolanda esinye iskhwama ashayisane noThabo umulethele sona. Athuke ahlehlele emuva ngathi ukhonjwa ngesibhamu.

Thabo:"Ngisithathe ngoba ngiza ngapha."

Thami:"Ngiyabonga baab"

Asibeke phansi uThabo aphume asale adonsa umoya kakhulu, acabange uNqobile indlela ayiyo amehlo abomvu azibuze kuthi ingabe kwenzenjani. UManqoba andlule athi uya ekhishini abone umnyango wasegunjini lakhe uvuliwe alunguze nangu umngani wakhe. Angene avale umnyango

Manqoba:"Ndoda awushongo ngani kuthi uyeza sikuhlangabeze"

Thami:"Bengingafuni kuniphazamisa"

Manqoba:"Ukhathele?"

Thami:"Cha kepha ngikhathazekile ngosesi wakho."

Manqoba:"Ufuna kukhuluma naye?"

Manqoba:"Mangabe ngeke kube yinkinga."

Aphume uManqoba abuye noMnqobi abingelele naye.

Manqoba:”Uloverboy ufuna kukhuluma nomama waQhawe"

Amangale uThami kuthi ungumama waQhawe wakuphi manje kepha angasho lutho.

Mnqobi:”Eyyyy ndoda akumele siphume nje, niyabonake lomjolo wenu nabanjwa mina angizingeni"

UThami akhiphe lento ayinikwe uNobuhle anikeze uManqoba.

Thami:”Ndoda kukhona okwenzeka ngoNobuhle angazi yini kepha ngihambe akhala uze wangiphelezela wangibeka ematekisini. Nayizolo emini ngimubonile abekhala uthe ngikunike lokhu."

Ahle akhathazeke uManqoba akwamukele akuvule ahlale phezu kombhede into enhle ethungiwe ngobuhlalu obumhlophe baxutshwa neminye imibala. Akubuke akuphendule

Manqoba:”Yinhle lento kodwa angisiso isangoma mina.”

Thami:”Ubuhlalu bezangoma bubomvu unani ndoda.”

Manqoba:”Eyani lento inhle kodwa.”

Thami:”Ngale ekhaya kubizwa ngocu, intombi mayikuqoma iyahamba nezinye izintombi noma ithumele ucu kulowo mlisa kusho ukuthi uyakuqoma. Uthi uyakuthanda naye.”

Asukume uManqoba sekajabulile

Manqoba:”Mina kumele ngenzenjani kubonisa kuthi ngiyalwamukela?”

Thami:”Ndoda angithi umushelile manje yena uyakuqoma uNobuhle sekuyintombi yakho kumele uyifake esandleni.”

Manqoba:”Manje mangilifakile wonke umuntu uzobona ukuthi ngiqonyiwe?”

Ahleke uMnqobi

Thami:”Lokhuya kudala insizwa maseyiqonyiwe bekubonakala ngawo kepha manje abanye bayazifakela nje. Kule wena uzokwazi ngaphakathi kuwe.”

Manqoba:”Wow, manje mangigeza kumele ngikukhumule, wuuu ngathi ngiyabona uMnqobi sekakugqoka kungasaphumi bese kuqomeka yena.”

Bahleke bobathathu umsindo wabo uze uzwakale ngale kubobaba babo.

Mnqobi:”Mina nithi ngenzenjani?”

Thami:”Ayyyy akunankinga bazosola sizobuye sibonane.”

Manqoba:”Umama Qhawe uphapha kakhulu uzoza la bese ubaba uyalwa kuncono umubone kuzovaleka leso sikhala nakuye. Akufuni mina kodwa ngoba ngiqonyiwe.”

Mnqobi:”Bazokuzwa wena unani.”

Manqoba:”Ndoda ngiqonyiwe.”

Thami:”Ngimushiye nocingo lwami kuthi umushayele mawuthola ithuba, akekho kahle.”

Manqoba:”Ngiyomushayela manje baba Qhawe ngiyabonga kakhulu.”

Aphume abashiye aye egunjini lakhe avale afake inombolo kaThami ayibeke endlebeni isakhala……

🌼

🌼

🌼

IMFIHLO YOMNDENI🌼

LETHABO T🌼

ISIQEPHU 81🌼

KWABUTHELEZI 🌼

USambulo makasola ukuthi kukhona okwenzekayo ngocingo lwakhe uKhans uzwa izingxoxo zakhe.

Sambulo:"Mama ngicela ungiboleke ucingo lwakho kubalulekile."

MaButhelezi:"Luphakathi endlini yokusebenzela."

Angene khona nalomthwala awuthweswe uKhans awuzwe ngathi awusekho ngendlela okuphole ngayo kulendlu kamawakhe yokusebenzela. Ahlale phansi acabange alubone ucingo la lukhona aluthathe abuyele ayohlala phansi. Ashayele umuntu oyedwa aziyo kuthi anangamusiza noma abe necebo.

"Mamncane."

Sambulo:"Ndoda yimi."

"Hawu luphi ucingo lwakho  waganga ngocingo lukamama nje."

Sambulo:"Hey Jay ngisenjeni ndoda akuhlekisi futhi"

Jabu:"Kwenzenjani?"

Amubekele yonke indaba, uxoxa nje nomawakhe sekangenile akamubonanga, uzwe konke. UJabu ashaye ikhwela kaningi makalokhu amuxoxela.

Sambulo:”Ngikhuluma nawe manje ngathi kukhona akwenzile ngocingo lwami ngoba kungene umlayezo,waphinde wacisheka futhi.”

Jabu:”Kudala ahlakaniphile uKhans ungathola ukuthi kudala alufaka okuthile ucingo lwakho.”

Sambulo:”JJ ndoda ngikhathazeke ngoGabsile nangomama kakhulu ngoba ubashuthe nezithombe khona la.”

Jabu:”Yazini uyazi ukuthi uzofuna usizo kimi, uphi uThemba?”

Sambulo:”Ukhona ngize naye.”

Jabu:”UThemba akayokufunela olunye ucingo nesimcard, angabonakalisi naye kuthi uthengani. Bese uya kwakhe wena locingo ululande kusasa kwakhe. Sizokhuluma ngalo okwamanje ngisazocabanga kuthi senzenjani bese siyakhuluma kusasa. Ungavumi kubuyela kulempilo kubenzima ukuyiyeka manje sinemindeni okumele siyicabange.”

Sambulo:”Ijaive yami ilapho ndoda, uNokubonga ukhulelwe uzokhululeka kungekudala nje, kanti noGabsile ngiyamusola manje asikabi nesiqiniseko. Angifuni balimale"

Jabu:”Isbari sakho naso sizokusiza kodwa okwamanje asicabange indlela, yena uyazi ukuthi uthukile manje ngeke acabange kuthi ungenza okuthile. Kukahle manjeke, kumele sithole lezinto akuthumelela zona bese uyabhoda once noma simufahlakise edanyanya.”

Sambulo:”Lomuntu usebenza namaphoyisa yonke lendawo.”

Jabu:”Noma kunjalo bafo kukhona esizolithola futhi bazojabula kabi ukuzwa ngoKhans. Yehlisa umoya ubuyele kwakho kodwa ubheke okukhulumayo ngoba kusobala kukhona akufakile nakhona mangicabanga. Ungakukhiphi futhi ngoba uzosola kuthi kukhona okuhlelayo wena zenze isilima nje."

Sambulo:”Ngiyabonga ndoda yazi uyenza izwakale lula.”

Jabu:”Ngizokuthinta kwinombolo entsha kusasake.”

Sambulo:”Ngiyabonga ndoda.”

Aluvale adonse umoya manje akusafani naseqaleni, makaphakama nangu umawakhe  emnyango asondele.

Sambulo:”Ufike nini la?”

MaButhelezi:”Ngizwe konke Sambulo into yanini le?”

Smabulo:”Namuhla.”

MaButhelezi:”Uthini umfowenu?”

Sambulo:”Kumele ngithole ucingo olusha sizoxhumana kahle sesizokhuluma kusasa ngecebo"

MaButhelezi:”UKhans ilendoda yayingibuka le ebukhosini?”

Amangale uSambulo ukuthi umawakhe wabona naye.

Sambulo:”Nguyena.”

MaButhelezi:”Ngane yami usathane akazwani nokuthula, manje impilo yakho ihamba kahle uyekile zonke lezinto ezimbi sekafuna kukubuyisela esihogweni sakhe. Wanqoba nempi yemamba empilweni kaGabsile. Nalena sizoyinqoba thatha umkakho niyohlela umshado wenu omhlophe. Indlela izovela uzonqotshwa naye loKhans akasiye uNkulunkulu wakho akayiphethanga impilo yakho.”

Smabulo:”Ngiyezwa ma"

MaButhelezi:”Kunesikhalo engisizwayo sentombazanyane encane, ngizilele yona angikhoni kuyithola. Mangikhuleka kuvela inkosikazi kaThemba.”

Sambulo:”Ikhaliswa yini lentombazane?”

MaButhelezi:”Akucaci ndodana kodwa engikwaziyo kumele ngiyisize, izinto zobumnyama futhi"

Sambulo:”Mama sala ukhuleke ngizobe ngila ngaphandle mawungidinga.”

Aphume abuyele umaButhelezi ebhavini lakhe.

MaButhelezi:”Somandla ongahlulwa yilutho ngiyaguqa futhi phambi kwakho. Wena ungubaba ovikelayo mawungavumeli umphefumulo ongonanga. Ngisebenzise baba ngivezele siqhamuka kuphi lesililo, thuma mina Nkosi yami, eyyyyyyyy ngiyasabela baba.”

Abheke ebhavini futhi aboniswe intombazane ibaleka ngapha iyakhala idatshukelwe.

MaButhelezi:”Ngibonise ukuthi ungubani mntanami umama uzoza azokusiza ungowaphi? uhlanganaphi nenkosikazi kaThemba? Ubani igama lakho sesiza ngiyakucela, noma khala

kakhulu ngilalele ukukhala kwakho kuthi kungakuphi. Ave umuhle ohhh Bawo ngambulele nansi indaba.”

Avule amehlo uyabaleka ngathi kukhona okumgijimisayo ulokhu ubheka emuva ezwe iphimbo liqhamuka emva kwakhe.

“Nobuhle Nobuhle yima.”

Asukume umaButhelezi aphume njengohlanya aye kumyeni wakhe ome nendodana yakhe kanye noThemba.

MaButhelezi:”Themba ngicela ushayele inkosikazi yakho ngifuna kukhuluma nayo.”

Angabuzi naye amushayele

Sphe:”Baloyi.”

Themba:”Bamba kancane uma ufuna kukhuluma nawe.”

Aluthathe ucingo

MaButhelezi:”Ngane yami unjani?”

Sphe:”Ngiyaphila ma.”

MaButhelezi:”Ukhona uNobuhle omaziyo, okhanyayo ngebala mufishane, unezitho muhle uthithibele nje.”

Sphe:”Angazi ma"

MaButhelezi:”Ngane yami impilo yakhe isengozini kumele ngimusize nguwena ongangisiza ngoba ngivezelwa wena. Ngiyolungisela indlela manje ngizobuye ngikushayele ngicela ucabange kahle ngiyazi mawukhulelwe ukhohlwa okuningi.”

Sphe:”Kulungile ma.”

Makathi uyalundlulisa ucingo.

Sphe:"Mama yima kukhona engimaziyo okhanyayo usesi omncane womama wengane kabhuti wami omdala. Eya nguyena unezinyawo ezincane kakhulu nje mufisha igama lakhe uNobuhle ubaba wakhe umuteketisa ngelikaDudlane."

Makabiza legama likaDudlane agoqane umaButhelezi ayekele ucingo abuye azibambe ekhanda ngathi liyamushaya ngombani wezinhlungu.

MaButhelezi:"Mubuze isbongo sakhe ndodana."

UThemba alucoshe usekhona uSphe umangele sekakhuluma yedwa alubeke endlebeni.

Themba:"Sthandwa sami ungowakabani loNobuhle"

Sphe:"Masondo."

Aluvale abheke umaButhelezi.

Themba:"WakaMasondo."

MaButhelezi:"Yebo Baba shwele Smakade shwele Somandla swele Sonini ngiyasabela Baba thuma mina."

Sekaguqe phansi ukhuleka khona lapho obhuqwini bamuyeke aze aqede asukume.

MaButhelezi:"MaNdlovu hamba uyolungisa sihambe Sambulo mukisa uGabsile khabo Themba, naye athathe inkosikazi yakhe ayimukise kubo. Bese niyabuya ningiphelezele sthandwa saNelsiwe uyazi engikudingayo ngisayokhuleka futhi"

MaNdlovu:"Kungani uhamba nami mama?"

MaButhelezi:"Uzozibonela phambili, themba isikhathi esingakanani ukuya ngasekhweni lakho konje?"

Themba:"Yoooo kukude lapha ma kodwa sizofika amahora amahlanu kodwa ngoba kukhandwa umgwaqo owuthela wayeka indlela yinde kakhulu ngoba kuyalindwa."

Buthelezi:"Kunama stop and go?"

Themba:"Eya baba."

MaButhelezi:"Asambeni isikhathi yisona esingenaso."

Abashiye lapho aqonde endumbeni yakhe asebenzela kuyo akhuleke abuke ebhavini, abone yonke into okumele ayibone ngempilo kaNobuhle. Aphume ayozilungisa konke sekumlindile, uThemba noSambulo mababuya bangene emotweni bahambe.....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWABABOMNCANE🌼

Mabafika kwababomncane wabo sekabalindile naye kucace nje ukuthi umazisile umfowabo uMasondo. Bangene bahlale uSmanga avalelise ahambe.

Masondo:"Bafana kunjani ngiyaxolisa sisuka sikuhlasela nje."

Bafana:"Akunankinga bhuti ungumfowethu uhlala ungisiza namuhla kungami. Ngitshele kwenzakalani kanti egcekeni senihambela phezulu"

MaSondo:"Ngifuna ukuphumula okwamanje ngizokutshela mangivuka, ngikhathele umzimba ubaba wonke"

Bafana:"Kulungile bhuti iza ngapha indodakazi ikulungisele la."

Amukhombe la azolala khona makabuya abheke amadodakazi amfowabo abamoyizelele.

Bafana:"Wena Fikile uzolala kulegumbi elingaphandle, bese wena Nobuhle uzolala kuleli elingasendlini encane kunye noNtombenhle."

Babukane uNtombenhle ucishe alingane noNobuhle bashiyana ngonyaka.

Nobuhle:”Baba ngicela kuyolala nosisi ngaphandle ngeke ngikhululeke alele yedwa.”

Bafana:”Uzolala nosisi wenu omkhulu okwamanje usemsebenzini.”

Fikile:”UsisTholakele?”

Bafana:”Yebo sekabuyile ekhaya angithi, uzofika nje kungekudala.”

Angayithandi lento uNobuhle ayengezele izinyembezi uFikile amubone.

Fikile:”Baba noma ngingalala la phansi akunankinga usisi azolala aphumule kahle.”

Bafana:”Cha anginangane ezolala phansi mina, ngeke abenenkinga uTholakele futhi kudala angibuza ngani afuna kuzonibona uvinjwa umsebenzi.”

Akhulume aziphumele ubabomncane wabo basale babhekana uNobuhle sekahle uyakhala.

Fikile:”Siphephile la nana ungasakhali"

Nobuhle:”Ngizwa ngiyasaba sisi ngizolala egunjini lababa nje lesihlahla masingasilandela sizokwenzanjani singenele ubaba.”

Fikile:”Lesihlahla sinamandla la esikhona manje ngoba sikude ngeke kwenzeke lutho.”

Nobuhle:”Ukhulumile nobhutSmanga kuthi akubizele labantu bokhuluma ngabo?”

Fikile:”Uthe akabazi kodwa uzofuna amanombolo abo bese uyanginika. Ungayi kuyophazamisa ubaba ngoba uzokhathazeka kakhulu uyezwa.”

Nobuhle:”Uyamazi unjani uNtombenhle sisi uyolokhu engigcona engichwensa.”

Fikile:”Ungamunaki.”

Nobuhle:”Ngeke ngimunake vele"

Angene uNtombenhle ugqoke ilokwe elifisha ababuke azilungise izinwele zokufakelwa.

Nombenhle:”Mmmmmm kukhona nina namuhla?”

Fikile:”Sawubona Ntombenhle, waze wamuhle bo.”

Ntombenhle:”Umthetho wami ngimuhle nobumnyama bami"

Fikile:”Uyafika ubuya kuphi?”

Ntombenhle:”Kubangani, namanje ngizogeza ngiyahamba.”

Kungene uyise

Bafana:”Ubuyaphi wena?”

Ntombenhle:”Ngibuze ukuthi ngiyaphi mangiqeda ngoba ukuthi ngibuyaphi indaba endala.”

Afulathele basale babhekana anikine ikhanda ubabakhe, emva kwesikhashana abuye sekashintshile amubuke ubabakhe.

Bafana:”Heyiwena uyondinda kuphi usisi wakho ngeke abuye emsebenzini azophekelana nawe"

Ntombenhle:”Ngafundiswa uwena ukundinda nguwena owangizwisa kunjani ekundindeni, mawunenkinga manje isho ngibize umhlangano womndeni, ngiphe imali"

Afake isandla ekhikhini ubabomncane wabo akhiphe iwallet asaybala nje kuthi umnuka malini, ayihlwithe azikhiphele yena ayithathe yonke ngapha uhlafuna ichappies, makaqeda aphose lewallet phezu kwetafula.

Ntombenhle:”Nobuhle mangabe uyolala egunjini lami ngicela ulale phansi angifune magciwane egunjini lami.”

Aphume basale bamangele nobabomncane wabo asithele emagunjini, uFikile wagcine sekapheka kwadliwa uNobuhle wayofunza ubabakhe egunjini.

Masondo:”Awujabulanga mntanami.”

Nobuhle:”Baba ngicabanga kuyolala ekhaya mina ngeke singilimaze lesihlahla angithi singifuna ngiphila.”

Masondo:”Ngoba kwenzenjani sesi.”

Nobuhle:”Ubabomncane angimuthandi neso lakhe angilithandi.”

Masondo:”Eish uzongifaka esikateni mntanami manje sekuhlwile uzolimala la endleleni.”

Kungene uFikile

Fikile:”Cha baba mina ngicabanga ukuthi uNobuhle uphethwe yilento afakwa yona inzondo yabesilisa.”

Masondo:”Angifuni mntanami ungakhululeki, ubuye uzolala la nobaba. Fikile tshela ubabomncane angiphe lamaphilisi wezinhlungu abekhuluma ngawo.”

Asukume aye kuye aphinde abuye nawo amunike awaphuze, ezwe namehlo asinda.

Masondo:”Ngiphelezeleni ngiye endlini encane nakhu sekusinda amehlo ngokushesha.”

Bamuphelezele ingaphandle indlu encane bamulinde ngaphandle makaqeda ageze izandla babuyele endlini, makangena acishe ukuwa abanjwe umfowabo ngokushesha.

Bafana:”Kwenzanjani?”

Masondo:”Ngisindwa umzimba izinyawo ziyakhathala nazo.”

Nobuhle:”Ewani lamaphilisi omunike wona?”

Bafana:”Ipanado mntanami.”

Bahambe bayomubeka embhedeni vele sekunzima ukubuka, bamumbese kahle sekayile ubuthongo ngokushesha nje. Kufike noTholakele abajabulele kuhanjwe kuyolalwa, besekusele bona bodwa, ubabomncane sekalele.

Fikile:"Hamba sisi ngizokufica ngale ngizolalisa uNobuhle kuqala."

Tholakele:"Ukhiye masophuma uphume nesikhiyo ngoba ngilala naso ngale bese ekuseni mangizobeka amanzi ngiyavula ngingavusanga muntu."

Fikile:"Kulungile."

UNobuhle sekasegunjini likaNtombenhle aphinde aphume abheke umnyango lo omunye wangemuva ulenga isikhiyo. Avule ngalesikhiyo kanye nesango lomnyango (butler) wezinsimbi asifake futhi silenge lapho.

Fikile:"Wenzani emnyango?"

Nobuhle:"Ngibuke lesithombe."

Fikile:"Buya ngizokulalisa ungaze uyophazamisa ubaba."

Bamoyizelelane bangene egunjini angene engubeni.

Fikile:"Ulala ngezimpahla?"

Nobuhle:"Sengilala ngazo kwakudala nje."

Esho ekhuluma amanga yena uhlele ukuvuka ahambe, Ahlale naye aze azilalise uNobuhle aphume uFikile, asale avuka akhiphe lokhiye olenga emnyango wasegunjini alele kuwo. Luyamushaya uvalo akhiphe ucingo lwaThami  ngoba luyakhala makathi uyalubamba lucime. Ushawa uvalo uze uyakhala akazwisisi ngobani, uzifisa akubo ubona kuncono khona. Ezwe gudlu afake locingo kwijean ayigqokile angene engubeni agubezele. Agoqane lapho ezwe izinyathelo ziza ngasemnyango uvuleke umnyango. Sekunzima ukuphefumula manje uyashisa udinga umoya. Zisondele izinyathelo makezwa ngathi sekuthintwa umbhede aphakamise ikhanda. Athuke ubabomncane wakhe ugqoke isikhindi sakhe.

Bafana:"Kahle ntombi yami ungathuki akekho ozosizwa."

Nobuhle:"Ufunani babomncane la?"

Azame kuvuka abe sekaphezu kwakhe ubabomncane wakhe, alwe naye ahluleke unamandla wonke.

Bafana:"Ubungibuka nawe kungicacele ukuthi ufuna lokhu."

Amuhlukanise imilenze acasuke makabona kuthi ugqoke ibhlukwe alwe naye amukhumule ikinobho, amemeze uNobuhle akhiphe iphimbo lakhe lokugcina. Amehlise uzibhu uyalwa naye manje sekazama kumukhumula ibhlukwe.

Nobuhle:"Ngiyakucela babomncane ngiyeke uzongilimaza."

Bafana:"Ngane kabhuti uyangihlula upakile ulimaza ubaba."

Nobuhle:"Babaaaa."

Bafana:"Ngeke akuzwe ngimunike amaphilisi okulala, noma angezwa ngeke akhone kuphakamisa ngisho umunwe lo, ukhulile Buhle awwwww mmmmmmm yizwa kuqine kamnandi njani la emathangeni. Usahlangene?"

Akasanawo amandla okulwa uNobuhle amudabulele isikibha asigqokile amabele abe ngaphandle abuyele ebhlukweni azame kulidonsa livinjwa izinqe. Asuke phezu kwakhe amudonse emlenzeni, amukhahlele umphambili wakhe uNobuhle avuke uyaqhaqhazela ngapha. Makameqa azame kumubamba unyawo aphinde amukhahlele kulesandla esibambe isitho sakhe. Aqume kakhulu agoqane azibambe ngezandla zombili aqume.

Babomncane:"Ngizokubulala wena sfebe shit shit awuuuuu"

Aqonde kulomnyango awuvulile yena bekenzela kuphuma aye kubo ayobheka ngoba uzimisele kulwa nalento. Ufuna ubaba wakhe ayifice seyingekho. Aphume aqonde esangweni aphume abaleke, agijime ehle njalo elokhu ebheka emuva. Eme makafika la kukhanya khona uapholo, abantu bamumangalele azilungise ibhlukwe alifase, afase nalesikibha ifindo ngaphambili ngoba amabele angaphandle. Uhamba ngezinyawo akagqokanga wafuthumala. Ahambe uNobuhle masekaphakathi nendlela.

Bafana:"Nobuhle Nobuhle yima ntombazane yami."

Athuke abheke emuva ngempela uyamulandela, aqale phansi agijime futhi makabona ukuthi ukhathele manje angene komunye umuzi kusakhanya nakhona. Acashe khona amucinge ubabomncane wakhe emgwaqeni angamuboni. Ajike sekashawa nawuvalo kuthi uzothi bekwenzenjani ingane iphume ebsuku ibaleke. Ahambe abheke emuva lutho uNobuhle, aphume emzini wabantu naye aqonde phambili. Uvalo luyamushaya manje ucabanga lezindaba zokubanjwa kwabesifazane ebsuku, makacabanga ukungena emzini abuye asabe. Akusaphephanga uzongena emzini wabantu abangenasimilo njengobabomncane wakhe.

Ahambe aze aqhamukele kubo lumshaye uvalo nakhona kuyafana ngeke akhone kungena phakathi endlini ngoba ubaba wabo wenza isiqiniseko sokuthi bahlala baphephile ubakhele kahle kuthi kungagqekezeki.

Angene unethemba lokuthi ngeke simulimaze lesihlahla siyamudinga. Abambe isango angene uphefumulela phezulu uvalo nokuthi abegijima konke nje kusesifubeni sakhe. Ahlale esitubhini kumnyama ngakhona ondlula ngomgwaqo ngeke amubone. Usaba nokuya ngale ekusitheleni ngasekhishini ngoba isihlahla singalapho. Lukhale futhi ucingo athuke ngoba besekalukhohliwe alukhiphe ilenombolo....

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMAHLUBINI🌼

UManqoba makaqeda kumshayela angalubambi, abuye aphinde futhi kufane nje adangale aphume abuyele egunjini laThami.

Manqoba:"Ndoda akabambi lomuntu sengiqala kukhathazeka manje"

Thami:"Mhlawumbe ulele ubuye umuzame noma uzomuthinta ekuseni."

Manqoba:"Ngishawa uvalo Thami yazi."

Thami:"Hamba uyodla mawuqeda umushayele futhi lomntwana uhlala asebenza kungenzeka ucingo ulushiye egunjini yena usekhishini. Noma sekazumekile"

Aphume uManqoba kungavumi nokuthi ayohlala nobaba bakhe abuyele egunjini lakhe azame kulala kufane. Avuke elokhu ezula ephenduka embhedeni agcine abanjwe isithongwane. Aphaphame makezwa umsindo avuke umsindo wababakhe uMandla. Abheke ucingo lwakhe elokhu edlala ngalocu alukhiphe alubeke ezindebeni zomlomo wakhe. Acimeze athuke abona isthombe saNobuhle agcwele igazi naye uyamemeza. Athathe ucingo futhi amushayele lukhale alubambe manje uphefumulela phezulu.

Nobuhle:”Hellow"

Manqoba:”Nobuhle.”

Makezwa iphimbo likaManqoba adinde isililo sikaNandi athuke uManqoba akasazi kumele acabange ini.

Manqoba:”Khuluma nami kwenzenjani.”

Nobuhle:”Ngiyakudinga Manqoba kusasa ngizogibela ngize lapho ngiyakudinga.”

Manqoba:”Ubaba unjani ingabe nguyena.”

Akhale uNobuhle asukume uManqoba ucingo sekalufake kuspiga kuthi amuzwe masekakhona kukhuluma. Agqoke afuthumale.

Nobuhle:”Manqoba ngiyabanda"

Manqoba:”Kwenzenjani ohhhh into engizayithini lena.”

Nobuhle:”Ngiyasaba.”

Manqoba:”Ukuphi? Unobani lapho?”

Nobuhle:”Ngisekhaya ngedwa.”

Manqoba:”Ngeke ukhone kuya khabo Thami mina ngisekudeni”

Nobuhle:”Ngiyasaba kuhamba labafana balapha ekhoneni bahlezi ngaphandle futhi ohhhhh nkosi yami.”

Ezwe ubuhwashahwasha uNobuhle athuke athule, naye uManqoba abuzwe.

Manqoba:”Shhhhhhh.”

Kuthuleke kucime nocingo alushayele futhi alusangeni, akhale uManqoba makaqeda kugqoka aphume. Sekumnyama bonke balele acabange makatshela uThami uzomfaka enkingeni. UMnqobi yena ngeke avume uzothuka athi bacele usizo kubobaba. Banomthetho kuthi bangaphumi  bahambe ngoba isixazululo sendaba ababhekane nayo singakaveli. Aphume acishe alarm kuthi ingakhali abambe umnyango aphinde abheke emuva. Aphume makafika langaphandle aqonde egunjini laPaul akokode.

Paul:”Nkosi encane"

Abone ukuthi ucabanga kuthi uMnqobi ngoba ugqoke ijezi lakhe.

Manqoba:”Ngiyaxolisa kukuvusa ngicela ungiphelezele"

Paul:”Siya kuphi?”

Manqoba:”BabPaul kumele ngibike izindlela zami kuwe? Noma ufuna ngivuse ubaba azokutshela yena ngilinde mina la. Wangiphathisa kwengane egangayo nje vele upake izimpahla zakho ngiyovusa ubaba manje"

Afulathele awuu ashweleze uPaul

Paul:”Ayidle izishiyele nkosi encane bengibuza ngoba azange ngitshelwe kuthi ngizoba nohambo.”

Manqoba:”Njengoba ngishilo ngeke ubikelwe izindlela zami zonke, shesha ubaba makavuka la angifice ngingakahambi uzokulwa."

Agqoke ngokushesha naye bangene emotweni onogada bangahluphi babavulele ngoba nangu uPaul umshayeli kaTbabiso.

Manqoba:”Ungadlalisi lemoto ngicela uyinyathele ngathi awucabangi"

Enze njalo umshayeli ulokhu uzama inombolo kaNobuhle ayingeni, masebaphakathi nohambo.

Paul:”Hayi maaaan nkosana Manqoba nguwe lo, ungisaphi  ebusuku nje?”

Manqoba:”Siya ezweni laThami shesha ungasabuzi lutho"

Paul:”Kwenzenjani?”

Manqoba:”Angikazi nami kodwa ngizifuna ngilapho ungakhona ukushesha babPaul uvale nomlomo wakho.”

Paul:”Ngizoba senkingeni nobaba wakho.”

Manqoba:”Ngizolithwala lonke icala ngizobona ngithini okwamanje ngicela usheshe"

Paul:”Kulungile ndodana"

Ayinyathele imoto nayo imuvumele kwasemgwaqeni ziyabalwa ezihambayo ngoba isebusuku. UManqoba uze ufisa  angathi angaphuma azigijimele yena ayishiye. Ihambe imoto makabona ibhodi elibhalwe igama lendawo yakhona lumushaye kakhulu uvalo aze azibambe esifubeni.

Paul:”Siya ngakuphi?”

Manqoba:”Hamba ngathi uyakhabo Thami ngizokulayela kusukela lapho.”

Paul:”Siya khabo lenkosazana yakho la salanda khona umfanyana aya eskoleni?”

Manqoba:”Yebo.”

Ashayele aziphuthaze ucu lwakhe esandleni abone ukuthi uwushiyile ngenkathi ewuqabula. Afike ayimise ngakhona uManqoba angalindi lutho ehlike ngaleso sikhathi. Kumnyama ngathi akukho gesi ngisho nonyezi alukho namuhla. NoPaul ehlike amulandele isibhamu sesisesandleni.

Manqoba:”Buyela emotweni baba.”

Paul:”Cha ngeke ngikwenze lokho"

Bangene phakathi egcekeni aqonde emnyango akokode khona lutho kumnyama, bezwe kuhwashaza baphenduke ngokushesha. Nangu uNobuhle uza agijima kuye akasaboni nomuntu omdala lo ohamba noManqoba afike aziphose kuManqoba akhale kakhulu. Makamubamba uyabanda uhamba nangezinyawo babukane benoPaul. Azungeze indlu uPaul angaboni lutho.

Manqoba:"Kubgani ungaphandle uphi ubaba?"

Nobuhle:"Baka ake ahhh."

Manqoba:"Baba ungakhona kuvula la endlini?"

UPaul adubule kuvuleke amuphakamise bangene endlini amubeke esitulweni ayolanda ingubo azomumbesa ngayo.

Paul:"Ngizobasa azofuthumala"

Aye esitofini ngenhlanhla konke kubekiwe la duzane nezinkuni abase uPaul abeke namanzi nabo sebayabanda. UNobuhle usakhala namanje, ababuke uPaul anikine ikhanda ngoba sebakhala bobabili.

Paul:"Manqoba."

Paul:"Ba."

Athuke uNobuhle makezwa athi ba azivale ngengubo.

Paul:"Uzongithola emotweni ukhumbule kuthi kumele utshele umnumzane ungangifaki rnkingeni."

Manqoba:"Baba ngicabanga ukuthi uhambe ubuyele emuva."

Amudonsele emnyango bayohleba khona uPaul.

Paul:”Ngikushiye la?”

Manqoba:”Baba siyamazi sobabili unjani ubabami ngeke azwisise kuthi ungilethe la ngaphandle kwemvume yakhe. Mina uzongixolela ngiyindodana yakhe wena ngeke aphinde akuthembe. Makwenzeka okuthile ngami mina ngiyakukhulula ungazigxeki mabangicinga ekuseni nawe ubacingise ngiyazi bazoza bazongilanda. Wena umsebenzi wakho uzobe uphephile.”

Paul:”Unogada uzobatshela kuthi ngiye ngaphuma nawe.”

Manqoba:”Abangibonanga, wena uzoqamba amanga noma uthi uthole ucingo kwakho uzobona wasaba kubavusa ubuziyele lapho"

Paul:”Manqoba ungenzisa enye into manje"

Manqoba:”Ngiyakucela ubaba makafika la uzokulimaza uzokuxosha sowuyisixhwala sekakudubule amadolo. Futhi sekukhona nobabSipho uyamazi unjani lowo.”

Amubambe ehlombe.

Paul:”Ngicela uzigade ndodana ngiyacela ngeke ngizixolele mawungalimala la.”

Manqoba:”Ngiyathembisa ngempilo yami ngizozigada.”

Paul:”Ngiyazwisisa, buya uzokhiya.”

Manqoba:”Uphulile nje.”

Paul:”Kunomshudo ngaphakathi"

Aphume uPaul asale avala ngomshudo abuyele kuNobuhle osakhala.

Manqoba:”Usabanda Nobuhle uhlale isikhathi esingakanani ngaphandle?”

Nobuhle:”Kusukela ngabo 9”

Abheke isikhathi ihora lokuqala ekuthatheni kokusa.

Manqoba:”Ngikufakele amanzi ugeze izinyawo ziyabanda futhi ngeke ufuthumale zisabanda ngalohlobo.”

Nobuhle:"Kulungile."

Amulayele ukuthi ikuphi indishi yokugeza makandlula egunjini likababa Nobuhle abone isithunzi makabhekisisa angasasiboni. Angene kubanda nqo ngathi isebusika afake izandla zakhe emakhikhini athalaze. Kunyamalale ukubanda naye amangale athathe indishi ayofaka amanzi akhwice uNobuhle ibhlukwe kuthi azofaka izinyawo emanzini.

Asukume uNobuhle uyaqhaqhazela akenziwa amakhaza wenziwa uvalo, asukume akhumule ikinobho lebhlukwe ehlize uzibhu uyakhala. Ahlahle amehlo uManqoba asukume ngoba abecosheme phambi kwakhe kuthi azomugeza izinyawo. Aze ahlehlele emuva akhumule alibeke ezinaweni, aziqhaqhe lefindo alifase kuleskibha esidabukile. Makabona amabele uManqoba athuke afulathele.

Manqoba:"Wenzani manje?"

Nobuhle:"Nginamahloni alento engiyenzayo Manqoba kepha ngicela ungisize usize nomndeni wami."

Manqoba:"Gqoka ngizokusiza sthandwa sami noma ngabe yini oyifunayo. Manginayo ngizokusiza kodwa awudingi kuthi wenze lento oyenzayo."

Nobuhle:"Ngibuke Manqoba ngoba mawususa amehlo kimi lento ingangithatha."

Manqoba:"Gqoka kuqala sikhulume angikuzwa mina ikhanda lami selidlala umagida sibhekane ngalento ongibonisa yona."

Nobuhle:"Kulungile"

Akhumule uNobuhle wonke asale enqunu uManqoba yena ucabanga ukuthi uyagqoka.

Nobuhle:"Sengiqedile."

Aphenduke athuke afulathele abuye abheke futhi, azame kuqinisa ikhanda amehlo abuyele ayokweba lento ayibonile. Akhuphuke naye uqhaqhazela umzimba wonke asondele amubambe ngesandla.

Manqoba:”Ngena emanzini.”

Afake izinyawo ahlale endishini uManqoba ahlale esitulweni amugxamalazele amubheke amuthele ngamanzi emhlane.

Manqoba:”Kwenzenjani?”

Nobuhle:”Kunento ekhona la ekhaya umoya omubi igade ubumsulwa bami. Indaba ende engaxoxeki lento izaze ingene Manqoba"

Manqoba:”Umoya omubi ngeke ukusondele uduzane nami ngitshele okwenzekayo.”

Amuxoxele lonke udaba njengoba ubabakhe abaxoxele, aze amuxoxele ngesenzo sikababomncane wakhe. Makaqeda ulokhu ubheke phansi uNobuhle.

Manqoba:”Manje ufuna mina ngithathe ubumsulwa bakho ungakazimiseli ngenxa yalokho?”

Nobuhle:”Ngoba ulisoka lami ugqoke ucu lwami, ukhethwe inhliziyo yami. Manqoba mina ngifakwe inzondo kuthi ngibanyanye abafana kepha wena ufikile uthando lwakho lwagqashula yonke lento. Angazi kusasa mhlawumbe sizohlukana kepha namuhla ngiyazi ngifuna uthathe lento ekimi ubaba wami azosinda, nami ngiphile njengawo wonke umuntu"

Ajuluke uManqoba ashise umzimba wonke azikhumule lejazi aligqokile elimnyama, uNobuhle makabona kuthi ulwa nemizwa. Asukume emanzini eme abheke ngakuye, uManqoba amehlo akhe ahlale phambili ngoba kuqondene nobuso bakhe, awasuse ngokushesha aphinde abuyele amehlo nasi isitho sikaNobuhle phambi kwakhe. Inhliziyo ishaye ngathi izokuma manje.

Manqoba:”Ayikho enye indlela engingasiza ngayo kunalokhu.”

Nobuhle:”Angikho muhle emehlweni akho soka lami?”

Amoyizele kancane ashalazele uManqoba.

Manqoba:"Ubukhala manje ngasuka le ekudeni ngavusa nomuntu omdala ngifika la ungifuhleka ngepunani emsulwa, hayimaan ngiyakutshela nge…"

Nobuhle:"Into engiyifisayo le."

Azame uManqoba ahluleke anqobeke azibone sekasondele kuNobuhle babukane abeke izindebe zakhe kuye. Baqabulane amukhiphe emanzini amuphakamise.

Manqoba:"Siyakuphi?"

Nobuhle:"Elawini lami."

Ahambe naye bayongena elawini lakhe baqabulane kube nokukhala okukhulu okuthusayo esihlahleni. Kuvunguze umoya kakhulu laba ababili abezwa lutho bavalelwe ilento abayenzayo. Kusuke umlilo omkhulu wokheleke nezinye izihlahla kuqhume qhu qhu qhu seziyasha izihlahla.

Umlilo mawulokhu ukhula nabo bangena kakhulu kulemizwa yibona bodwa manje kulomhlaba bakhohliwe konke, bakhohlwe wonke umuntu.

Likhale iphimbo kuze kuzwe nabomakhelwane aphume owesimame khona asha uyayobayoba akahlaliseki. Aqonde endlini akungeneki agijime ayozama kungena komunye umnyango kufane, azame emafasteleni kuyafana. Uhamba ushiya umlilo la andlula khona.

"Noooooooooooo NOOOOOOO ESHUWIIIIIIII."

Kuvuthe amalangabi igceke lonke……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

EMAHLUBINI🌼

UThobile makaqeda ukukhuleka phakathi nobusuku azizwe omele amanzi, ahambe ayowaphuza abone ukudla okuvaliwe. Akhumbule ukuthi mabadla uManqoba akezanga wathi uzodla makaqeda abekwenza, ingane yakhe iyakuthanda ukudla akufani nayo lokhu.

Aqonde egunjini lakhe angene angamutholi athuke uThobile apequlule izingubo ngapha uyamumemeza abheke nasegunjini lokugezela lutho phakathi ekasini lezimpahla. Kuze kuphaphame uThami noMnqobi eze kumawakhe uMnqobi. UThami uyasaba ngoba umndeni ugcwele azihlalele egunjini lakhe. Angene nezicabha uMnqobi umawakhe umemeza umfowabo ngapha uyakhala.

Thobile:"Mnqobi uphi uManqoba?"

Mnqobi:"Ngimugcine izolo makulalwa ngizile ngazombheka ngoba engezanga ukuzodla ngamufica amatasa nocingo ma."

Bavuke bonke sebasegunjini likaManqoba uThabiso afane nohlanya inkosikazi yakhe maseyibomvu amehlo kanje.

Thabiso:"Baby."

Mnqobi:"UManqoba akekho baba"

Thabiso:"Akekho  uyephi?"

Kuzwakale iphimbo likaNqobile ekhala, baphume sebahlangabeza iphimbo likaNqobile, uThami aphume aqhasha naye egunjini amulandele. UNqobile aziphose kunina akhale. Uyaqhaqhazela uyakhala, aphume uThami sekezwa isikhalo sikaNqobile aqonde la iphimbo lakhe lingakhona. Amubuke kubuhlungu akakwazi nokumbuza ikuphi inkinga noma amuthulise yena.

Thabiso:"Yini Nqobile?"

Nqobile:"UManqoba mama ngiphuphe uManqoba asha."

Babhekane uThabiso asuke aqonde egunjini lakhe uMandla amulandele kanye nobabThobela. Bangene akekho uManqoba ngempela umfana wakhe,  uThabiso avule konke okunomnyango

ikasi lezimpahla aze aphakamise nombhede ayikho indodana yakhe. Aphendukele kuMandla amubheke ubabThobela acoshe ucu phansi alubheke uMandla aluhlwithe alubuke.

Mandla:”Izandla ezenze locu zigcwele usizi nezinhlungu.”

Aluthathe uThabiso locu.

Thabiso:”Bafo ungangitsheli ngosizi lomuntu engingamazi iphi indodana yami? Mnqobi, Thamsanqa"

Aphume uThabiso ahlangane nabafana sebeza kuye.

Thabiso:”Uphi uManqoba?”

Impendulo ayikho aphumele ngaphandle.

BabThobela:”Mandla akukho okubonayo ubhuti wenu uyoxosha zonke lezisebenzi manje.”

Angabe asaligwinya sekayathetha ngaphandle uThabiso, uThobile yena akacacelwa kuthi kwenzenjani ngezingane zakhe.

Thabiso:”Iphi indodana yami ingaphuma la ningayiboni kanti nigadeni yerrrr, nonke angisafuni kunibona la, nani enisekhishini nixoshiwe, nihlalele ukupheka noma singalambanga iphi indodana yami. Umfanami unyamalala njani nigwele igceke leli, PAUL.”

Uyabila uThabiso agcine  uThami azidele asondele kuMandla uyaqhaqhazela uvalo naye afike amuhlebele.

Thami:”Ngicabanga ukuthi uye entombini yakhe ngoba bekangayitholi izolo futhi bekakhathazekile"

Mandla:”Ihlalaphi?”

Thami:”Ngasekhaya"

Mandla:"Isikhathi esingakanani kuya lapho?"

Thami:"Amahora amabili masingashayela ngesivinini sizofika within an hour."

Aphakamise amehlo uSipho naye usangene ume nobabThobela naye uyathetha aze anikine ikhanda uMandla.

Mandla:”Bafo asambeni siyomubheka la aqonywe khona.”

Thobile:”Uqonywe ini manje uManqoba, eyyy Nkosi yami sisabheke inkinga le sekuvela enye kanti yini ngamawele ami.”

Thabo:”Yazi isixazululo asikasitholi Thobile kodwa umoya ungitshela ukuthi sekuxazululekile"

Mandla:”Nami ngibone lokho kungenzeka umfana uyiyekile lento yokufuna ukuvela futhi uthuswe iphimbo lokuthetha lwababakhe,   noma indlela seyenzekile.”

Thabiso:”Aningiyeke ngesixazululo sikaQhawe ongasekho emhlabeni indodana yami ephilayo ayitholakali.”

UThabiso abafulathele ayongena egunjini lakhe aphume sekagqokile waphatha zonke izibhamu ongazicabanga. Akekho ozomkhuza bonke bayogqoka elokhu ebuka isikhathi u2:30 manje, babuye sebashintshile bonke bagibele  emotweni. UNqobile makathi uyagibela amuvimbe uThabiso.

Thabiso:”Mnqobi sala nosesi wakho.”

Mnqobi:”Ngikhathazekile ngoManqoba nami baba"

Thabiso:”Thami sala naye umugade.”

Mandla:”Nguyena ozosikhomba indlela uThami.”

Nqobile:”Ngiyeke ngihambe baba ngiyacela.”

Aphume noThobile sekagijima agibele

Nqobile:”Mama ngicela kuhamba nami ningangishiyi"

UThami akayithandi lento yokungakhoni kuthulisa uNqobile makadangele kanje, adonse umoya makaphakamisa amehlo ubabThobela umubheke ngqo ashalazele.

Thabiso:”Nqobile angazi la esiya khona siyohlangana nani uphephile mawula"

Aphefumulele phezulu uThami akhale kakhulu uNqobile nomawakhe akayingeni nje indaba yakhe ngoba uzicabangela ngoManqoba wakhe.

BabThobela:”Mukhulule naye ukhathazeke ngewele lakhe futhi umuphuphe kabi uyazi kwakudala amawele akho akhule njani.”

Thabiso:”Baba ngizobe ngikhathazeke nangaye nangomawakhe akasale.”

BabThobela:”Uzomugada loMkhaliphi sizobashiya kubo thina siye lapho okusoleka kuthi uManqoba ukhona.”

Avume uThabiso akanake lutho manje amehlo abhejile abomvu isandla siyalunywa sifuna kudubula nokushaya ophethe indodana yakhe, bangene etekisini, uNqobile ahlale celeni kwanina amubambe. Ayisuse uPaul udliwa isazelo nala endleleni uyathula nje bamulayela indlela ayaziyo……

🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼🌼

KWAMASONDO🌼

Mabaqeda umkhuba wabo khani bezwa amaphimbo wabantu abahlukene ngaphandle.

Omunye:"BAB'MASONDO."

Omunye:"Fikileeeeee"

Omunye:"Nobuhleeeeeee phumani ngapha kuyasha bo"

Omunye:""Iza nalephayiphi lidonsele ngapha."

Sebayakuzwa nokushisa asukume uManqoba adonse okuduzane agqoke noNobuhle uyagqoka ngapha kumnyama kepha emafasteleni kuyabonisa kuthi kunelangabi ngaphandle. Amubambe ngesandla baphume makavula umnyango wasekhishini ashe isandla ayekele, athathe indwangu avule ngayo umlilo ungene ngathi bowubagadile, naye abaleke ngokushesha kepha akuzwe ukushisa.

Basuke baye kulomnyango ongemuva la abantu bagcwele ngakho.

Ngaphandle  afike umaButhelezi noSambulo, Themba maNdlovu kanye nomyeni wakhe...

Kugcwele abantu baphume ngobuningi abanandaba kuthi isekuthatheni kokusa badele ubuthongo babo. Makaphakamisa amehlo umaButhelezi abone owesifazanne okhalayo manje sekathukuthele akasanalo usizi unenzondo. Aye kuMandlovu ahambise isandla ebusweni bakhe kusukela esiphongo ehle njalo afike esilevini. Makavula amehlo wakhe umaNdlovu naye abone lowesifazane athuke babukane ehle izinyembezi umaNdlovu.

MaNdlovu:"Hawu azange udele namanje usaqhubeka?"

Umlilo sewulwa kakhulu manje soqhumisa amafastela kuthungelela amakhethenisi ungene endlini. Babaleke bayongena egunjini likaFikile babeke izingubo eziningi emnyango nabo bazithandele ngezingubo bangene phansi kombhede.

Manqoba:"Mangingaphelela la uhlale wazi ukuthi ngiyakuthanda futhi angizisoli."

Nobuhle:"Masiphuma sizophuma sobabili kanti masisha sizosha sobabili mina ngijabulela ukuthi nguwena soka lami othathe ubumina."

Baqabulane ezwe sekanambitha izinyembezi emlonyeni wakhe uManqoba  uyakhala uNobuhle, azisule bagoqane lapho. Umlilo songena phakathi  endlini kuyaqhuma amafastela kuthungeleke okusheshe kushe.

Nobuhle:"Manqoba angifuni ukufa kanjena ngiyasaba"

Manqoba:"Ohhhhh nana ngenze njani"

Amubambe amuqinise sebayashisa ilezingubo abazimbese ngazo, ayivule kancane uManqoba aphume phansi kombhede. Ezwe intuthu kuthi usuyasondela ngakubo lomlilo aye efasteleni alunguze akukho la kungekho khona umlilo. UNobuhle sekaqala kukhohlela naye...

Ngaphandle utheleke umndeni kaManqoba abayaziyo indlovukazi badideke ukuthi babekwa yini la. Akhale uNqobile masekabona umlilo abewuphupha agijime basamangele afuna kuyozifaka kuwo.

Nqobile:"Manqobaaaaaa."

Amubambe ngokushesha uThami aye naye ngale kwetekisi abeze ngalo, afike amubambe amuhage akhale esifubeni sakhe. UPaul athwale izandla ekhanda zehle izinyembezi kumuntu omdala. UThabiso noThobile babanjwe ngapha nangapha bafuna kuyokhipha indodana yabo. Makavula ifastela uManqoba kubheka kuthi bangaphuma ngakuohi ababone abazali bakhe.

UThabiso ayibone indodana yakhe izisitha umlilo ahlanye uThabiso.

Thabiso:"Manqoba mfanami."

Aphunyuke babuye bamubambe baze bamulalise phansi uThabo noSipho. Akhale uManqoba makabona isimo sikababa wakhe sekabekwe phansi ngathi uzohlatshwa. Bezwe gidi gidi ophahleni lwendlu ngaphandle  babukane uNobuhle noManqoba.

Sebayakhohlela uManqoba amuthathe uNobuhle amulalise phansi ngesisu ngaphansi kombhede yena abuye phezu kwakhe kuthi umlilo mawungena uqale ngaye. Azidele kanjalo uNobuhle nokukhohlela akusekho sekathulile ezwe ngokushisa kuthi usungenile kulegumbi umlilo. Aphendule ubuso nawu emnyango kusha lezingubo abazibekile.....

🌼

🌼

🌼